ITESTAMENTE ELISHA

ELI

ISIVUMELWANO ESISHA

SENKOSI UMSINDISI WETU

UJESU KRISTU

LI HUNYUSHWE LI KISHWA OLIMINI
LWESIGREKI

LI HUNYUSHWE NGOKUSHA

AMERICAN BIBLE SOCIETY
INSTITUTED IN THE YEAR 1816
NEW YORK

[*Zulu Test., Revised, 12mo*]

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

AMAGAMA EZINCWADI

ZETESTAMENTE ELISHA NOMUMO WEZAHLUKO ZAZO

Ikasi	*Incwadi*	*Ngoku-fushane*	*Iza-hluko*
3	uMateu.	Mat.	28
36	uMarko.	Mark.	16
56	uLuka	Luka	24
91	uJohane.	Joh.	21
117	Izenzo zabApostoli . . .	Izen.	28
	Incwadi ka Paule		
151	kwaba seRoma	Rom.	16
166	yokuqala kwaba seKorinte	I. Kor.	16
180	yesibili kwaba seKorinte .	II. Kor.	13
189	kwaba seGalatiya . . .	Gal.	6
194	kwaba s'Efesu	Ef.	6
199	kwaba seFilipi	Fil.	4
202	kwaba seKolose. . . .	Kol.	4
206	yokuqala kw. seTesalonica	I. Tes.	5
	Incwadi ka Paule		
209	yesibili kwaba seTesalonica	II. Tes.	4
210	yokuqala ku Timote . .	I. Tim.	6
214	yesibili ku Timote . . .	II. Tim.	4
217	ku Tito	Tit.	3
219	ku Filemon	Filem.	1
220	Incwadi ebhalelwe amaHeberu	Heb.	13
231	Incwadi ka Jakobe . . .	Jak.	5
234	Incwadi yokuqala ka Petro .	I. Pet.	5
239	Incwadi yesibili ka Petro. .	II. Pet.	3
241	Incwadi yokuqala ka Johane	I. Joh.	5
245	Incwadi yesibili ka Johane .	II. Joh.	1
246	Incwadi yesitatu ka Johane .	III. Joh.	1
246	Incwadi ka Juda	Juda	1
248	Isambulo	Isam.	22

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

IVANGELI NGOKULOBA KU KA

MATEU

Umlibo wokuzalwa ku ka Jesu. Ukuzalwa kwake. Izazi,

1 Incwadi yomlibo wokuzalwa ku ka Jesu Kristu, indodana ka Davida, indodana ka Abraham.

2 UAbraham wa zala uIsaka; uIsaka wa zala uJakobe; uJakobe wa zala uJuda nabafo wabo; 3 uJuda wa zala uPerezi noZera ku Tamare; uPerezi wa zala uHezeron; uHezeron wa zala uRam; 4 uRam wa zala uAminadabe; uAminadabe wa zala uNashon; uNashon wa zala uSalmon; 5 uSalmon wa zala uBohazi ku Rahabi; uBohazi wa zala uObede ku Rute; uObede wa zala uJese; 6 uJese wa zala uDavida inkosi.

UDavida wa zala uSolomon ko be ngumka Uriya; 7 uSolomon wa zala uRehoboam; uRehoboam wa zala uAbija; uAbija wa zala uAsa; 8 uAsa wa zala uJehoshafati; uJehoshafati wa zala uJoram; uJoram wa zala uUziya; 9 uUziya wa zala uJotam; uJotam wa zala uAhazi; uAhazi wa zala uHezekiya; 10 uHezekiya wa zala uManase; uManase wa zala uAmon; uAmon wa zala uJosiya; 11 uJosiya wa zala uJekoniya nabafo wabo, ngesikati sokutunjelwa eBabulon.

12 Emva kwokutunjelwa eBabulon, uJekoniya wa zala uShehaltiyeli; uShehaltiyeli wa zala uZerubabeli; 13 uZerubabeli wa zala uAbiyude; uAbiyude wa zala uEliyakim; uEliyakim wa zala uAzori; 14 uAzori wa zala uSadoki; uSadoki wa zala uAkim; uAkim wa zala uEliyude; 15 uEliyude wa zala uElazare; uElazare wa zala uMatan; uMatan wa zala uJakobe; 16 uJakobe wa zala uJosefa indoda ka Mariya, a zalwa uye uJesu, o tiwa uKristu.

17 Zi njaloke izizukulwane zonke zi suka ku Abraham zi ye ku Davida zi izizukulwane ezi ishumi nane; nezi suka ku Davida zi ye ekutunjelweni eBabulon zi izizukulwane ezi ishumi nane; nezi suka ekutunjelweni eBabulon zi ye ku Kristu zi izizukulwane ezi ishumi nane.

18 Kwa ba njeke ukuzalwa ku ka Jesu Kristu: Unina uMariya e se miselwe uJosefa be nga ka hlangani wa funyanwa e kulelwe nguMoya oNgcwele. 19 Kepa uJosefa indoda yake, e ngumuntu olungileyo, e nga tandi ukumtela ihlazo, wa e hlose ukumala ngasese. 20 Kepake e sa zindhla loko, bheka ingelosi yeNkosi ya bonakala kuye epupweni ya ti, Josefa, ndodana ka Davida u z'u ng'esabi ukutabata uMariya umkako: ngokuba loku akukulelweyo ku ngoku ka Moya oNgcwele. 21 U ya kuzala indodana; u i qambe igama layo u ti uJesu; ngokuba nguye o ya kusindisa abantu bake ezonweni zabo. 22 Lokuke konke kw'enzeka, ukuba ku gcwaliseke okwa kulunywa iNkosi ngomprofeti, ukuti,

23 Bhekani, intombi i ya kukulelwa,
i zale indodana,
Ba ya kuqamba igama layo ngokuti uImanuweli;

oku ukuti, ngokuhunyushelwa, uNkulunkulu u nati. 24 UJosefa e se vukile ebutongweni, w'enza njengaloko e m yale ngako ingelosi yeNkosi, wa tabata umkake; 25 a ka z'a ya kuye wa za wa zibula ngendodana: wa qamba igama layo ngokuti uJesu.

2 Ku teke uJesu e se zelwe eBetelehem la seJudiya emihleni ka Herode inkosi, nakuke, ku fika eJerusalem iZazi zi vela empumalanga, zi ti, 2 Upi lowo o zelwe e iNkosi yabaJuda? loku si bone inkanyezi yake empumalanga, si ze ukukuleka kuye. 3 Kwa t'uba uHerode inkosi e zwe loku, wa tatazela, neJerusalem lonke kanye naye. 4 E se hlanganisile bonke abapristi abakulu nababhali babantu, wa ba buza ukuba uKristu u ya kuzalwapi. 5 Ba tike kuye, EBetelehem

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

la seJudiya: ngokuba ku lotshiwe kanje ngumprofeti,

6 Nawe Betelehem, lizwe la kwa Juda,
A u mncinyane na kanye pakati kwababusi ba kwa Juda:
Ngokuba ku ya kuvela kuwe umbusi,
O ya kwalusa abantu bami uIsraeli.

7 Konake uHerode e se zi bizile ngasese iZazi, wa zi buzisisa isikati inkanyezi e bonakele ngaso. 8 Wa s'e zi tumela eBetelehem, wa ti, Hambani, ni cingisise kahle ngomntwana; ko ti nxa se ni m fumene, ni ze ni ngi bikele, ukuba ngi ye nami ngi kuleke kuye. 9 Se zi yi zwile inkosi, za hamba; nansoke, inkanyezi, eza yi bona empumalanga; ya hamba ngapambili kwazo ya za ya fika y'ema pezu kwa lapo e kona umntwana. 10 Za tike ukuyibona inkanyezi, za tokoza ngokutokoza okukulu kakulu. 11 Za ngenake endhlini za bona umntwana noMariya unina; za wa pansi za kuleka kuye; za vula impahla yazo za m kunga ngezipo, igolide nenhlaka, nemure. 12 Se zi xwayisiwe uNkulunkulu epupweni ukuba zi nga buyeli ku Herode, z'emuka za ya ezweni la kubo ngenye indhlela.

13 Se zi mukileke, nansoke, ingelosi yeNkosi i bonakala ku Josefa epupweni, i ti, Suka u tabate umntwana nonina, u balekele Egipite, u hlale kona ngi ze ngi ku tshele: ngokuba uHerode u zo funa umntwana ukuba a m bubise. 14 Wesukake wa tabata umntwana nonina ebusuku, w'emuka wa ya Egipite; 15 wa hlala kona kwa za kwa fa uHerode: ukuba ku gcwaliseke okwa kulunywa iNkosi ngomprofeti, ukuti, Nga biza indodana yami i pume Egipite.

16 UHerode e se bonile ukuti zi dhlale ngaye iZazi, wa tukutela kakulu, wa tuma, wa bulala abantwana bonke besilisa aba be seBetelehem na semikaulweni yonke yalo, ku suka kwaba neminyaka emibili naba ne ngapansi, njengesikati a be buzisise iZazi ngaso. 17 Kwa se ku gcwaliseka okwa kulunywa ngoJeremiya umprofeti ukuti,

18 Kw'ezwakala izwi eRama,
Ukukala nokulila okukulu,
URatsheli e kalela abantwana bake;
E nga vumi ukududuzwa, ngokuba be nga seko.

19 Kepake uHerode e se file, bheka, ingelosi yeNkosi ya bonakala epupweni ku Josefa Egipite, i ti, 20 Suka u tabate umntwana nonina, u ye ezweni la kwa Israeli: ngoba se be file aba be funa ikanda lomntwana. 21 W'esukake wa tabata umntwana nonina, wa ya ezweni la kwa Israeli: 22 Kepa wa t'ukuzwa ukuti uArkelawu u ya busa eJudiya esikundhleni si ka Herode uyise, w'esaba ukuya kona; se e xwayisiwe uNkulunkulu epupweni, w'emuka wa ya kwela seGalile, 23 wa fika wa hlala emzini o tiwa iNazareta; ukuba ku gcwaliseke okwa shiwo ngabaprofeti ukuti, u ya kutiwa umNazareti.

3 Nga leyo mihla kwa fika uJohane umBapatizi, e shumayela ehlane la seJudiya, e ti, 2 Pendukani; ngokuba umbuso wezulu u sondele. 3 Ngoba lowo nguye okwa kulunywa ngaye ngoIsaya umprofeti, kwa tiwa,

Izwi lomemezayo ehlane li ti,
Lungisani indhlela yeNkosi,
N'enze imendo yayo i qonde.

4 UJohane lowo wa e nengubo yoboya bekameli, nebande lesikumba okalweni lwake; ukudhla kwake kwa ku izinkumbi nezinyosi za sendhle. 5 Kwa se ku pumela kuye iJerusalem, neJudiya lonke, nesifunda sonke sa seJordan; 6 ba bapatizwa uye emfuleni iJordan, be vuma izono zabo. 7 Kepa wat'ub'abone abaFarisi naba-Sadusi abaningi beza ekubapatizeni kwake, wa ti kubo, Nzalo yezinyoka, ubani o ni bonise ukuba ni balekele ulaka oluzayo na? 8 Ngakoke vezani izitelo ezi fanele ukupenduka: 9 ma ni nga cabangi ukusho pakati kwenu ni ti, Si nobaba uAbraham: ngoba ngi ti kini, uNkulunkulu u namandhla okumvusela uAbraham abantwana ku la matshe. 10 Na ma-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

njeke izembe li bekiwe empandeni yemiti: ngakoke imiti yonke e nga teli izitelo ezihle i ya nqunywa, i ponswe emlilweni. 11 Mina kambe ngi ya ni bapatizela ngamanzi ekupendukeni: kepa lowo ozayo emva kwami u namandhla kunami, ozicatulo zake a ngi lingenwe ukuzitwala: yena u ya kunibapatiza ngoMoya oNgcwele na ngomlilo: 12 ombenge yake yokwela i sesandhleni sake, u ya kushanelisisa isibuya sake; a butele amabele ake edhladhleni, kepa amakoba wo wa shisa ngomlilo ongacimekiyo.

13 Kwa se ku fika uJesu ku Johane eJordan, e vela eGalile ukuba a bapatizwe uye. 14 Kepa uJohane wa e m alela, e ti imina engi swele ukubapatizwa nguwe, wena u za kimi na? 15 Kepa uJesu wa pendula wa ti kuye, Sal'u su vumake: ngokuba ku si fanele kanjalo ukugcwalisa ukulunga konke. Wa se e m vumela. 16 W'anela ukubapatizwake uJesu, wa s'enyuka emanzini: nantoke, izulu li m vulekela, wa bona uMoya ka Nkulunkulu ehla njengokungati ijuba, e za pezu kwake; 17 nanto, nezwi li puma ezulwini, li ti, Lo u yiNdodana yami etandekayo, engiyenameleyo.

4 Konake uJesu wa holelwa uMoya ehlane ukuba a lingwe umhlebi. 2 Kwa ti e se zile ukudhla izinsuku ezi mashumi amane nobusuku obu mashumi amane, w'andu kulamba. 3 Kwa fika umlingi wa ti kuye, Uma u yiNdodana ka Nkulunkulu, yisho ukuba la matshe a be izinkwa. 4 Wa pendulake wa ti, Ku lotshiwe ukuti, A ku sinkwa sodwa umuntu a yo pila ngaso, u pila ngamazwi onke a puma emlonyeni ka Nkulunkulu. 5 Umhlebi wa s'e m tabata wa m yisa emzini ongcwele; wa m misa esiqongweni setempeli, 6 wa ti kuye, Uma u yiNdodana ka Nkulunkulu, ziponse pansi: ngoba ku lotshiwe ukuti,

Wo yala izingelosi zake ngawe:
nokuti,
Zi zo ku twala ngezandhla zazo,
Funa u quzuke ngonyawo lwako etsheni.

7 UJesu wa ti kuye, Ku lotshiwe futi ukuti, U nga yi vivinyi iNkosi uNkulunkulu wako. 8 Wa buya umhlebi wa m yisa entabeni epakamileyo kakulu, wa m bonisa imibuso yonke yomhlaba, nobukosi bayo; 9 wa ti kuye, Konke loku ngo ku nika kona, uma u wa pansi u kuleke kimi. 10 Wa s'e ti kuye uJesu, Suka, Satane: ngoba ku lotshiwe ukuti, Wo kuleka eNkosini uNkulunkulu wako, u m konze yena yedwa. 11 Umhlebi wa s'e m shiya; kwa se ku fika izingelosi za m konza.

12 Wa t'uba ezwe ukuti uJohane u yiswe ekuboshweni, w'emuka wa ya eGalile; 13 wa ti e se shiyile iNazareta, wa ya wa hlala eKapernaum, eli nga selwandhle, emikaulweni ya kwa Zebulun neya kwa Naftali: 14 ukuba ku gcwaliseke okwa kulunywa ngoIsaya umprofeti, ukuti,

15 Izwe la kwa Zebulun nezwe la kwa Naftali,
Ngendhlela ya selwandhle, ngapesheya kweJordan,
IGalile lezizwe,
16 Abantu aba be hlezi ebumnyameni
Ba bone ukukanya okukulu,
Na kwaba be hlezi ezweni na setunzini lokufa,
Ku pumele kubo ukukanya.

17 Ku suka ku leso sikati uJesu wa qala ukushumayela, nokuti, Pendukani; ngokuba umbuso wezulu u sondele.

18 Wa ti e hamba nga selwandhle lwa seGalile, wa bona izelamani ezibili, uSimon o tiwa uPetro, noAndrea umfo wabo, be ponsa ineta elwandhle; ngokuba be ngabadobi. 19 Wa tike kubo, Wozani ni ngi landele, ngi za kunenza abadobi babantu. 20 Ba se be shiya amaneta masinyane, ba m landela. 21 Wa ti ukudhlulela pambili wa bona ezinye izelamani ezibili, uJakobe ka Zebedi, noJohane umfo wabo, be sesikebheni kanye noZebedi uyise, be lungisa amaneta abo; wa ba biza. 22 Ba si shiyake

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

masinyanè isikebhe noyise, ba m landela.

23 UJesu wa li hambahamba lonke ela seGalile, e fundisa emasinagogeni abo, e shumayela ivangeli lombuso, e pilisa izifo zonke nokugula konke ku bantu. 24 Udumo lwake lw'ezwakala ezweni lonke la seSiriya: ba leta kuye abagulayo bonke, aba kwelwe izifoyifo nobuhlungu, naba kwelwe amademone, naba nezitutwane, nabafe uhlangoti; wa ba pilisa. 25 Wa landelwa izixuku ezikulu zi vela eGalile, na seDekapoli na seJerusalem, na seJudiya na ngapesheya kweJordan.

5 Wa t'ukubona izixuku, w'enyukela entabeni: e se hlale pansi, abafundi bake b'eza kuye: 2 wa vula umlomo wake wa ba fundisa, e ti,

3 Ba busisiwe abampofu emoyeni: ngokuba umbuso wezulu u ngowabo.

4 Ba busisiwe abalilayo: ngokuba labo ba ya kududuzwa.

5 Ba busisiwe abamnene: ngokuba labo ba ya kuwudhl'ubufa umhlaba.

6 Ba busisiwe aba lambele b'omele ukulunga: ngokuba labo ba ya kusuta.

7 Ba busisiwe aba nesihau: ngokuba labo ba ya kuhaukelwa.

8 Ba busisiwe abamhlop'inhliziyo: ngokuba labo ba ya kubona uNkulunkulu.

9 Ba busisiwe abalamulayo: ngokuba ba ya kutiwa abantwana ba ka Nkulunkulu.

10 Ba busisiwe aba zingelwe ngenxa yokulunga: ngokuba umbuso wezulu u ngowabo. 11 Ni busisiwe nxa be ni capa ngenhlamba, be ni zingela, be kuluma okubi konke ngani, ngenxa yami, be ni qambela. 12 Tokozani, n'etabe: ngokuba umvuzo wenu mkulu ezulwini: ngokuba ba ba zingela kanjalo abaprofeti abananduleleyo.

13 Nina ni usaoti wezwe: kepa uma usaoti e dumele, ubusaoti bo vuswa ngani na? a ka sa sizi luto, kupela ukulahlwa ngapandhle nokunyatelwa abantu. 14 Nina ni ukukanya kwomhlaba. Umuzi o wake entabeni u nge siteke. 15 A sokelwa isibani, si bekwe pansi kwokamba, si ya fakwa otini; si ba kanyisele bonke aba sendhlini. 16 A ku kanye kanjalo ukukanya kwenu pambi kwabantu; ukuze ba bone imisebenzi yenu emihle, ba dumise uYihlo o sezulwini.

17 Ni nga ti ngi ze kucita umteto nabaprofeti: a ngi zanga kucita, ngi ze kugcwalisa. 18 Ngoba ngi qinisile ngi ti kini, Ku ze ku dhlule izulu nomhlaba, a ku soze kwa dhlula ibalana li linye nesicashana si sinye somteto, ku ze ku fezeke konke. 19 Njaloke o shafisa u be munye ku le miyalo emncinyane, a fundise abantu okunjalo, u ya kutiwa omncinyane embusweni wezulu: kepa o y'enza a yi fundise, lowo u ya kutiwa omkulu embusweni wezulu. 20 Ngoba pela ngi ti kini, uma ukulunga kwenu ku nga dhluli okwababhali nokwabaFarisi, a ni soze na ngena embusweni wezulu.

21 Ni zwile ukuti kwa tiwa kwabendulo, U nga bulali; obulalayo wo ba necala lokwahlulelwa: 22 kepa mina ngi ti kini, wonke o tukutelela umfo wabo wo ba necala lokwahlulelwa; n'o ya kuti ku mfo wabo, Yiyanendini, wo ba necala empakatini; n'o ya kuti, Siula, wo ba necala lokulahlwa egehena lomlilo. 23 Ngakoke nxa u ti u sa nikela umnikelo wako elatini, u kumbula kona ukuba umfo wenu u noto ngawe, 24 shiya lapo umnikelo wako pambi kwelati, u hambe, u buyisane nomfo wenu kuqala, anduba u ze u nikele umnikelo wako. 25 Shesha u zwane nokumangalelayo, u se sendhleleni naye; funa okumangalelayo a ku yise ku mahluli, umahluli a ku yise enduneni, u ponswe etilongweni. 26 Ngi qinisile ngi ti kuwe, A u soze wa puma kona, u ze u kipe nendibilishana yokugcina.

27 Ni zwile ukuba kwa tiwa, U nga pingi: 28 kepa mina ngi ti kini, Wonke o buka owesifazana a m kanuke u se pingile naye enhliziyweni yake. 29 Umake iso lako lokunene li ku kubekisa, li kipe, u li lahle:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ngokuba ku ku lungele ukuba ku bube si be sinye sezito zako, ku nga ze ku ti umzimba wonke wako u ponswe egehena. **30** Noma isandhla sako sokunene si ku kubekisa, si nqume, u si lahle: ngokuba ku ku lungele ukuba ku bube si be sinye sezito zako, ku nga ze ku ti umzimba wonke wako u ye egehena. **31** Kwa tiwake, O lahla umkake, a ka m nike incwadi yokwahlukana: **32** kepa mina ngi ti kini, wonke o lahla umkake, ngapandhle kwendaba yobufebe, u ya m pingisa: n'o ganwa uye e se lahliwe u ya pinga.

33 Futi, ni zwile ukuba kwa tiwa kwabendulo, U nga fungeli amanga, kepa wo feza eNkosini izifungo zako: **34** kepa mina ngi ti kini, Ni nga fungi nakanye; noma izulu, ngokuba li isihlalo sobukosi si ka Nkulunkulu; **35** noma umhlaba, ngokuba u isenabelo sezinyawo zake; noma iJerusalem, ngokuba li ngumuzi weNkosi enkulu. **36** U nga fungi nekanda lako, ngokuba u nge lwenze unwele lu lunye lu be mhlope nokuba lu be mnyama. **37** Kepa izwi lenu ma li be nguYebo, yebo; Qa, qa: oku dhlula lokuke ku vela kokubi.

38 Ni zwile ukuba kwa tiwa, Iso ngeso, izinyo ngezinyo: **39** kepa mina ngi ti kini, Ni ng'emelani nomuntu omubi: wo ti o suka e ku mukula esihlatini sokunene, u m pendulele nesinye. **40** Naye o funa ukukumangalela, a kwamuke ibantshi, m nike nengubo. **41** N'o suka e ku cindezela ukuba u hambe naye imayile li be linye, hamba naye a be mabili. **42** Mu pe o cela kuwe, na lowo o funa ukutsheleka kuwe u nga m fulateli.

43 Ni zwile ukuba kwa tiwa, Wo tanda umakelwane wako, u zonde isita sako: **44** kepa mina ngi ti kini, Tandani izita zenu, ni ba tandazele abanizingelayo; **45** ukuze ni be abantwana ba ka Yihlo o sezulwini: ngoba pela yena u pumisa ilanga lake pezu kwababi nabahle, a nise imvula pezu kwabalungileyo naba nga lungile. **46** Ngoba uma ni tanda abanitandayo, ni na mvuzo muni na? angiti b'enze njalo nabatelisi na? **47** Uma ni bingelela abafo wenu bodwa, n'enzani oku ngapezu kwabanye na? angiti b'enze njalo nabezizwe na? **48** Ngakoke yibani ngabapeleleyo, njengoYihlo o sezulwini u pelele.

6 Xwayani ni ng'enzeli ukulunga kwenu pambi kwabantu, ukuba ni bonwe ibo: uma ku nge njalo a ni na mvuzo ku Yihlo o sezulwini.

2 Ngakoke lapo u payo, u nga kalisi icilongo pambi kwako, njengokwenza kwabazenzisi emasinagogeni na sezitaladini, ukuba ba dunyiswe abantu. Ngi qinisile ngi ti kini, Se be w'amkele nya umvuzo wabo. **3** Kepa wena nxa u payo, isandhla sako sokohlo a si nga kwazi esikwenzayo esokunene: **4** ukuze ukupa kwako ku be sekusitekeni: ko ti uYihlo o bona ekusitekeni a ku vuze.

5 Na nxa ni tandaza, ni nga bi njengabazenzisi: ngokuba be tanda ukutandaza b'emi emasinagogeni na sezingosini zezitaladi, ukuba ba bonakale ku bantu. Ngi qinisile ngi ti kini, Se be w'amkele nya umvuzo wabo. **6** Kepa wena, nxa u tandaza, wo ngena ekamelweni lako, u su valile umnyango wako, u tandaze ku Yihlo o sekusitekeni, ko ti uYihlo o bona ekusitekeni a ku vuze. **7** Na sekutandazeni ni nga ndandazi, njengabezizwe: ngoba ba ti bona ba ya kuzwiwa ngokukuluma kwabo okuningi. **8** Ngakoke ma ni nga fani nabo: ngoba uYihlo u ya kwazi enikuswelayo, ni nga ka celi kuye. **9** Ngakoke tandazani kanje ni ti: Baba wetu o sezulwini, Ma li ngcweliswe igama lako. **10** Umbuso wako ma u ze. Intando yako ma y'enziwe emhlabeni njenga sezulwini. **11** U si pe namhla ukudhla kwetu okwaneleyo. **12** U si tetelele amacala etu, njengokuba nati si ba tetelele aba namacala kiti. **13** U nga si ngenisi ekulingweni, u si sindise kokubi (ngokuba umbuso u ngowako, namandhla nobukosi ku ze ku be pakade, Amen). **14** Ngokuba uma ni tetelela abantu izipambuko zabo, uYihlo o sezulwini u ya kunitetelela nani. **15** Kepa uma

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ni nga ba teteleli abantu izipambuko zabo, noYihlo a ka yi kunitetelela izipambuko zenu.

16 Futi nonxa ni zila ukudhla, ni nga bi njengabazenzisi, ni kwantabele: ngokuba bona be fipaza ubuso babo, ukuze ba bonakale ku bantu ukuba ba zilile. Ngi qinisile ngi ti kini, Se be w'amkele nya umvuzo wabo. 17 Kepa wena, nxa u zila, gcoba ikanda lako, u geze ubuso bako: 18 ukuze u nga bonakali ku bantu ukuba u zilile, u bonakale ku Yihlo o sekusitekeni: ko ti uYihlo o bona ekusitekeni, a ku vuze.

19 Ni nga zibekeleleli ingcebo emhlabeni, lapo k'onayo inundu nokugwala, na lapo ku gebula amasela ebe: 20 kepa zibekeleleni ingcebo ezulwini, lapo ku ng'oni inundu nokugwala, na lapo amasela e nga gebuli ebe: 21 ngokuba lapo i kona ingcebo yako, yo ba kona nenhliziyo yako. 22 Isibani somzimba si iso: ngakoke uma iso lako li lihle, wo gcwala ukukanya umzimba wonke wako. 23 Kepa uma iso lako li libi, wo gcwala ubumnyama umzimba wonke wako. Ngakoke uma ukukanya oku kuwe ku ubumnyama, bu ngakananike lobo bumnyama! 24 A kuko muntu o nga konza amakosi amabili: kuko u ya kuzonda enye a tande enye; kuko a bambelele kwenye, a delele enye. Ni nge konze uNkulunkulu nomamona. 25 Ngalokoke ngi ti kini, Ni nga pisekeli ukupila kwenu, okokuti ni ya kudhlani, ni ya kupuzani; nomzimba wenu, okokuti ni ya kwambatani. Angiti ukupila ku kulu kunokudhla, nomzimba kunesambato na? 26 Bhekani izinyoni zezulu, ukuti a zi hlwanyeli, a zi vuni, a zi buteli emadhladhleni; kepa uYihlo o sezulwini u ya z'ondhla. A ni zi dhluli kakulu na? 27 U mupi kini o nga ti ngokupiseka elekele ebudeni bokupila kwake ingalo i benye na? 28 Ni pisekelani ngezingubo? Qondani iminduze ya sendhle, ukumila kwayo; a i kandhleki a i poti: 29 noko ngi ti kini, noSolomon ekukazimuleni konke kwake k'ambatisanga okwomunye wayo. 30 Kepa uma uNkulunkulu embesa kanjalo utshani ba sendhle, obu kona namhla, ngangomso bu ponswe eziko, kakuluke a ka yi kunembesa nina, aba nokukolwa okuncinyane na? 31 Ngakoke ni nga piseki, ni ti, Si ya kudhlani? Si ya kupuzani? Si ya kwambatani na? 32 Ngokuba abezizwe ba funisisa konke loku; ngoba uYihlo o sezulwini u y'azi ukuba ni dinga konke loku. 33 Kepa funani kuqala umbuso wake, nokulunga kwake; konke lokuke ku ya kwelekelwa kinina. 34 Ngakoke ni nga pisekeli ingomso: ngoba ingomso li ya kupisekela okwalo. Bwanele usuku ububi balo.

7 Ni ng'ahluleli, ukuba ni ng'ahlulelwa. 2 Ngokuba ngokwahlulela en'ahlulela ngako, nani ni ya kwahlulelwa ngako: na nga leso silinganiso eni linganisa ngaso, nani ni ya kulinganiselwa ngaso. 3 U bukelani isibi esi sesweni lomfo wenu, u nga naki ugongolo olu sesweni lako na? 4 U nga sho kanjani kumfo wenu ukuti, A ke ngi kipe isibi esweni lako; kanti, nanto ugongolo esweni lako? 5 Mzenzisindini, qala u kipe ugongolo esweni lako; u su ya ku bonisisake ukukipa isibi esweni lomfo wenu.

6 Ni nga niki izinja okungcwele, ni nga ponsi amaparele enu pambi kwezingulube, funa zi wa nyatele ngezinyawo zazo, zi penduke zi ni hxebule.

7 Celani, ni ya kupiwa; funani, ni ya kufumana; ngqongqotani, ni ya kuvulelwa; 8 ngokuba wonke ocelayo u y'amkeliswa; nofunayo u ya fumana; nongqongqotayo u ya kuvulelwa. 9 Konje u mupi umuntu kinina, o nga ti, uma indodana yake i cela isinkwa, a yi nike itshe na; 10 noma i cela inhlanzi, a i nike inyoka na? 11 Poke uma nina, ni babi nje, n'azi ukubapa abantwana benu izipo ezilungileyo, kakulu kangakanani uYihlo o sezulwini wo ba pa aba cela kuye okulungileyo na? 12 Ngakoke konke eni tanda ukuba abantu ba kwenze kini, kwenzeni kanjalo nani

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ku bona: ngoba loku ku umteto nabaprofeti.

13 Ngenani ngesango elinyinyeneyo: ngoba li banzi isango, nendhlela i nkulu, e yisa ekubujisweni, baningi aba ngena ngayo. 14 Ngokuba li nyinyekile isango, nendhlela i umcingo, e yisa ekupileni, ba ingcozana abayifumanayo.

15 Xwayani abaprofeti bamanga, ab'eza kini ngezingubo zezimvu, kepa ngapakati ba izimpisi ezipangayo. 16 Ni ya kub'azi ngezitelo zabo. Ku ya kiwa yini amavini emeveni, namakiwane ekakakeni na? 17 Ku njalo imiti yonke elungileyo i tela izitelo ezihle; kepa umuti owonakeleyo u tela izitelo ezibi. 18 Umuti olungileyo u nge tele izitelo ezibi, nomuti owonakeleyo u nge tele izitelo ezihle. 19 Wonk'umuti o nga teli izitelo ezihle u ya nqunywa, u ponswe emlilweni. 20 Ngakoke pela ni ya kub'azi ngezitelo zabo. 21 A ku siye wonke o ti kimi, Nkosi, Nkosi, o ya kungena embusweni wezulu; kodwa o wenza intando ka Baba o sezulwini. 22 Baningi aba ya kuti kimi nga lowomhla, Nkosi, Nkosi, a si profetanga yini ngegama lako na? na ngegama lako sa kipa amademone na? na ngegama lako s'enza okwamandhla okuningi na? 23 Konake ngi ya kuvuma kubo ukuti, A ngi zanga ngi n'azi: sukani kimi, nina ab'enza okubi.

24 Ngakoke wonk'umuntu o zwa la mazwi ami, a w'enze, wo faniswa nomuntu ohlakanipileyo, ow'aka indhlu yake edwaleni; 25 kw'ehlake imvula, kwa fika izikukula, kwa vunguza umoya, kwa yi shaya leyo ndhlu; a ya wa: ngokuba ya i bekwe izisekelo edwaleni. 26 Wonk'umuntu o zwa la mazwi ami, e nga w'enzi, wo faniswa nomuntu o isiula, ow'aka indhlu yake esihlabatini: 27 kw'ehlake imvula, kwa fika izikukula, kwa vunguza umoya, kwa kahleleka ku leyo ndhlu; ya wa: kwa ba kukulu ukuwa kwayo.

28 Kwa t'uba uJesu a qede la mazwi, izixuku za shaqeka ngokufundisa kwake: 29 ngoba wa e ba fundisa njeng'o namandhla, ku nge njengababhali babo.

8 Ku teke e s'ehlile entabeni, wa landelwa izixuku ezikulu. 2 Bheka, kwa fika kuye o nocoko wa kuleka kuye, e ti, Nkosi, uma u vuma, u nga ngi hlambulula. 3 Wa s'elula isandhla sake, wa m namata, e ti, Ngi ya vuma; hlambululeka. Lwa se lu hlambululeka masinyane ucoko lwake. 4 UJesu wa ti kuye, Qapela, u nga tsheli muntu; kodwa hamba, u ye u zibonakalise ku mpristi, u yise umnikelo awuyalelayo uMoses, ku be ubufakazi kubo.

5 Kwa t'uba a ngene eKapernaum, kwa fika kuye induna yekulu, i m ncenga, 6 i ti, Nkosi, umfana wa kwami u lele ngendhlu u fe uhlangoti, u kwelwe kakulu ubuhlungu. 7 Wa ti kuye, Ngi ya kuza ngi m pilise. 8 Induna yekulu ya pendula ya ti, Nkosi, a ngi lingenwe ukuba u ngene pansi kwopahla lwami; yisho izwi nje, wo puluka umfana wa kwami. 9 Nami ngi umuntu o pansi kwamandhla, ngi namabuto pansi kwami: ngi ti ku leli, Hamba, li hambe; na kwelinye, Woza, li ze; na sesigqilini sami, Yenza loku, si kwenze. 10 Wa t'ukuzwa loku uJesu, wa mangala, wa ti kwabamlandelayo, Ngi qinisile ngi ti kini, a ngi zange ngi fumane ukukolwa okungaka, na kwa Israeli. 11 Ngi tike kini, baningi aba ya kufika be vela empumalanga, na sentshonalanga, ba cambalale noAbraham, noIsaka, noJakobe, embusweni wezulu: 12 kepa abantwana bombuso ba ya kukishelwa ebumnyameni obu ngapandhle: ko ba kona lapo ukukala nokugedhla amazinyo. 13 UJesu wa ti enduneni yekulu, Hamba; ma kwenzeke kuwe njengokukolwa kwako. Umfana wa puluka ngaso leso sikati.

14 UJesu e se ngenile endhlini ka Petro, wa bona umkwekazi wake e shaywe pansi umkuhlane. 15 Wa m namata isandhla, umkuhlane wa m yeka; wa vuka, wa m konza. 16 Se ku hlwa, ba leta kuye abaningi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U tulisa isivunguvungu. U tetelela izono. U biza uMateu.

aba kwelwe amademone: wa kipa omoya ngezwi, wa pilisa bonke abagulayo: **17** ukuze ku gcwaliseke okwa kulunywa ngoIsaya umprofeti, ukuti, Yena wa tabata ubutakataka betu, wa twala izifo zetu.

18 Wa t'uJesu ukubona izixuku ezikulu zi m haqile, wa ti a ku mukelwe ngapesheya. **19** Kwa se ku fika umbhali, wa ti kuye, Mfundisi, ngi za kukulandela lapo u ya kona. **20** UJesu wa tike kuye, Izimpungushe zi nemibhalu, izinyoni zezulu zi nezidhleke; inganti iNdodana yomuntu a i na ndawo lapo i nga lalisa kona ikanda. **21** Omunye wabafundi wa ti kuye, Nkosi, ngi vumele ke ngi ye kumbela ubaba kuqala. **22** Kepa uJesu wa ti kuye, Ngi landele; u yeke abafileyo ba mbele abafileyo babo.

23 E se ngenile esikebheni, abafundi bake ba m landela. **24** Bheka, kwa vuka isipepo esikulu elwandhle, ngangoba isikebhe sa si gutshuzelwa amaza: kepa yena wa be e lele ubutongo. **25** Ba se b'eza kuye, ba m vusa, ba ti, Nkosi, si sindise; sa buba. **26** Wa s'e ti kubo, Yini ukuba ni be amagwala, nina eni nokukolwa okuncinyane? Wa s'e vuka, wa kuza umoya nolwandhle; kwa ti cwantalala. **27** Abantu ba mangalake, be ti, Umuntu muni lo, ukuba a lalelwe na umoya nolwandhle?

28 Kwa t'uba a fike ngapesheya ezweni lamaGadara, kwa hlangana naye ababili aba kwelwe amademone, be puma ematuneni, be izidhlova kakulu, ngangoba kwa ku nge dhlule muntu nga leyo ndhlela. **29** Bheka, ba dazuluka be ti, Si na msebenzi muni nawe, Ndodana ka Nkulunkulu? u ze lapa ukusizwis'umunyu ku nga ka bi isikati na? **30** Kwa ku konake kude nabo umhlambi wezingulube eziningi zi hxabile. **31** Amademone a m ncenga, a ti, Uma u si kipa, si tumele ukuba si ngene emhlambini wezingulube. **32** Wa ti kuwo, Hambani. A be se puma, a ya a ngena ezingulubeni: nakoke, ku gulugudela umhlambi wonke wa keleketela elwandhle nga sesiweni, wa fa emanzini. **33** Aba be z'alusa ba baleka, ba ya emzini, ba bika konke, na loko okwehlele aba kwelwe amademone. **34** Bheka, kwa puma umuzi wonke ukuya kuhlangabeza uJesu: ba ti ukumbona, ba m ncenga ukuba a muke emikaulweni yela kubo.

9 Wa s'e ngena esikebheni wa wela, wa fika emzini wa kubo. **2** Ba se be leta kuye umuntu o fe uhlangoti, e lele ocansini. UJesu e bona ukukolwa kwabo, wa ti ko fe uhlangoti, Mtanami, yima isibindi: u tetelelwe izono zako. **3** Nampoke, ababhali abatile be ti pakati kwabo, Lo u ya hlambalaza. **4** UJesu e kwazi ukuzindhla kwabo wa ti, Yini ukuba ni cabange okubi ezinhliziyweni zenu? **5** Yikupi ke okulula, ukuti, U tetelelwe izono zako; kuko ukuti, Vuka, u hambe na? **6** Kepake ukuze n'azi ukuti iNdodana yomuntu i namandhla emhlabeni okutetelela izono (wa s'e ti ko fe uhlangoti), Vuka, u tabate ucansi lwako, u ye endhlini yako. **7** Wa s'e vuka, wa ya endhlini yake. **8** Za ti ukubona loko izixuku z'esaba za dumisa uNkulunkulu, o nike abantu amandhla a ngaka.

9 E dhlula lapo uJesu, wa bona umuntu e hlezi endaweni yokutela imali, o tiwa uMateu: wa ti kuye, Ngi landele. W'esukake, wa m landela.

10 Ku teke, e hlezi ekudhleni endhlini, kwa fika abaningi abatelisi nezoni ba hlala noJesu nabafundi bake. **11** Ba t'ukubona loko abaFarisi, ba ti ku bafundi bake, Ku ngani ukuba uMfundisi wenu a dhle nabatelisi nezoni? **12** Kepa wa t'uba ezwe wa ti, Aba iziqwanqwa a ba swele nyanga, abagulayo bodwa. **13** Hambani pela ni yo funda ukuba ku tini loku kokuti, Ng'enamela isihau, ku nge siwo umhlatshelo: ngokuba a ngi zanga kubiza abalungileyo, ngi ze kubiza izoni.

14 Kwa se ku fika kuye abafundi ba ka Johane, ba ti, Ku ngani ukuba tina nabaFarisi, si zile ukudhla fu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

tifuti, kepa abafundi bako a ba zili?
15 Wa ti kubo uJesu, Abayeni ba
nga lila yini umyeni e se nabo? kodwa
ku za kufika izinsuku, lapo umyeni
e ya kususwa kubo, b'andu kuzila.
16 A kuko muntu o beka isiziba
esi nga shukekile engutsheni endala;
ngokuba loko okufakiweyo ku ya
dhla engutsheni, kwenzeke ukuhxe-
buka okubi. 17 Futi a ku telwa iwa-
yini elisha ezimvabeni ezindala: nxa
ku njalo izimvaba zi ya quma, ku
citeke iwayini, konakale izimvaba:
kodwa iwayini elisha li telwa ezimva-
beni ezintsha, ku londeke kokubili.

18 E sa kuluma loku kubo, nako-
ke, ku fika umbusi, e kuleka kuye, e
ti, Indodakazi yami i si file: kepa
woza u beke isandhla sako pezu
kwayo, i za kupila. 19 W'esukake
uJesu, wa m landela, kanye nabafu-
ndi bake. 20 Nangoke, owesifaza-
na owa e gobha igazi iminyaka e
ishumi nambili, eza emva kwake, wa
namata umpeto wengubo yake: 21
ngoba wa ti pakati kwake, Uma ngi
namata ingubo yake nje, ngi za ku-
sinda. 22 Kepa uJesu wa penduka
wa m bona wa ti, Ndodakazi, yima
isibindi; ukukolwa kwako ku ku si-
ndisile. Owesifazana wa sinda ku
sukela ku leso sikati. 23 U te uJesu
ukufika endhlini yombusi, wa bona
aba shaya imitshingo, nesixuku si
xokozela, 24 wa ti, Dedani: ngoku-
ba intombazana a i file, i lele nje.
Ba m hleka usulu. 25 Se si kishiwe
isixuku, wa ngena, wa yi bamba
ngesandhla; ya vuka intombazana.
26 Lolu dumoke lwa ti hxelele ku
lelo zwe lonke.

27 U te uJesu e dhlula lapo, wa
landelwa izimpumpute ezimbili, zi da-
zuluka, zi ti, Si haukele, Ndodana
ka Davida. 28 Kwa t'uba a ngene
endhlini, z'eza kuye izimpumpute: wa
ti kuzo uJesu, Ni ya kolwa ukuba
ngi nga kwenza loku na? Za ti kuye,
Yebo, Nkosi. 29 Wa s'e zi namata
amehlo, e ti, Ma kwenzeke kini nje-
ngokukolwa kwenu. 30 A s'e vule-
ka amehlo azo. UJesu wa zi yala
wa gamela, wa ti, Bhekani ku ng'a-
ziwa muntu. 31 Kanti za puma, za
hxelebisa udumo lwake kulo lonke le-
lo zwe.

32 Zi sa pumake, kwa se ku letwa
kuye isimungulu si kwelwe idemone.
33 Idemone se li kishiwe, isimungulu
sa kuluma: za mangala izixuku, za ti,
A ku zanga ku bonwe okunje kwa
Israeli. 34 Kepa abaFarisi ba ti, U
kipa amademone ngesikulu samade-
mone.

35 UJesu wa hambahamba imizi
yonke nemizana, e fundisa emasina-
gogeni, e shumayela ivangeli lombuso,
e pilisa izifo zonke nokugula konke.
36 Kepa wa t'ukubona izixuku, wa
ba nesihe ngazo, ngokuba za be zi du-
bekile zi hlakazekile, zi njengezimvu
ezi nge na malusi. 37 Wa s'e ti ku
bafundi bake, Ukuvuna pela ku kulu,
kodwa izisebenzi zi ingcozana. 38
Ngakoke nxusani iNkosi yokuvuna,
ukuze i kipe izisebenzi zi ye ekuvu-
neni kwayo.

10 Wa s'e biza abafundi bake
aba ishumi nambili, wa ba nika
amandhla pezu kwa omoya abangco-
lileyo, ukuba ba ba kipe, ba pilise
izifo zonke nokugula konke.

2 Amagamake abapostoli aba ishu-
mi nambili ilawa: owokuqala, uSimon
o tiwa uPetro, noAndrea umfo wabo;
uJakobe za Zebedi, noJohane umfo
wabo; 3 uFilipu noBartolome; uTo-
masi noMateu umtelisi; uJakobe ka
Alfeu, noTadeu: 4 uSimon umKana-
niya, noJudas Iskariyoti, o nguye
owamkapelayo.

5 Laba aba ishumi nambili wa ba
tuma uJesu, wa ba yala ngokuti, Ni
nga yi ngendhlela e ya kwabezizwe,
ni nga ngeni emzini wamaSamariya:
6 hambani pela ni ye kuzo izimvu
ezilahlekileyo zendhlu ya kwa Israeli.
7 A no ti ni hamba, ni shumayele, ni
ti, Umbuso wezulu u sondele. 8 Pi-
lisani abagulayo, ni vuse abafileyo, ni
hlambulule aba nocoko, ni kipe ama-
demone: n'amkeliswe ngesihle, yipani
ngesihle. 9 Ni nga zitoleli igolide, ne-
siliva, netusi emixakeni yenu; 10 na
yika lendhlela, namabantshi amabili,
na zicatulo, na ludondolo: ngoba isi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U fundisa abafundi.

sebenzi si fanelwe ukudhla kwaso. 11 Na ku mupi umuzi noma umuzana eni ya kungena kuwo, ni cingisise ukuti ubani ofaneleyo kuwo; ni hlale kona ni ze ni muke. 12 Ekungeneni kwenu endhlini, ni yi bingelele. 13 Uma indhlu i fanele, a ku ze kuyo ukutula kwenu: kodwa uma i nga fanele, ukutula kwenu a ku buyele kini. 14 Osuk'e nga n'amkeli, e nga w'ezwa namazwi enu, a no ti ekupumeni kwenu ku leyo ndhlu kumbe ku lowo muzi, ni vutulule ụtuli lwezinyawo zenu. 15 Ngi qinisile ngi ti kini, Ko ba lula kulo izwe la seSodom neGomora ngosuku lokwahlulela, kuna ku lowo muzi.

16 Bhekani, ngi ya ni tuma ni njengezimvu pakati kwezimpisi: ngakoke hlakanipisani okwezinyoka, ni be njengamajuba ukungabi na bunyoninco. 17 Kepa xwayani abantu: ngokuba ba ya kunikapela emipakatini, ba ni baxabule emasinagogeni abo, 18 ni ya kuyiswa na ngapambi kwababusi namakosi ngenxa yami, ku be ubufakazi ku bona na kwabezizwe. 19 Kepa uma be ni kapela, ni nga piseki ngokuti ni ya kukuluma kanjani ni tini: ngokuba ni ya kupiwa nga sona leso sikati eni ya kukukuluma. 20 Ngoba ka sinina enikulumayo, nguMoya ka Yihlo o kuluma pakati kwenu. 21 Ku ya kuti umuntu a kapele umfo wabo ekufeni, uyise a kapele umntanake: abantwana ba vukele abazali babo, b'enze ukuba ba bulawe. 22 Ni ya kuzondwa abantu bonke ngegama lami: kodwa okutazelayo ku ze ku be sekupeleni, uyena o ya kusindiswa. 23 Ko ti nxa be ni zingela ku lowo muzi, ni balekele komunye: ngoba ngi qinisile ngi ti kini, A ni yi kuqeda imizi ya kwa Israeli, i nga ka fiki iNdodana yomuntu.

24 Umfundi a ka ngapezu kwomfundisi wake, nenceku ka i ngapezu kwenkosi yayo. 25 Kwanele umfundi ukuba a be njengomfundisi wake, nenceku i be njengenkosi yayo. Uma be bize umninindhlu ngokuti uBelzebule, kakulu kangakanani abendhlu yake! 26 Ngakoke ma ni nga b'esabi: ngokuba a kuko okusibekelweyo, oku nga yi kwambulwa, nokusitekileyo, oku nga yi kwaziwa. 27 Loku engi ni tshela kona ebumnyameni, ku kulumeni ekukanyeni; na loku enikuzwayo endhlebeni, ku memezeleni pezu kwezindhlu. 28 Ni nga b'esabi aba bulala umzimba, kepa be nge na kubulala umpefumlo: kepa ngakanye m esabeni o namandhla ukububisa umpefumlo nomzimba egehena. 29 Angiti ku tengwa imizwilili emibili ngendibilishi na? Kanti a ku yi kuwa na munye kuyo emhlabatini ngapandhle ku ka Yihlo; 30 ninake ku baliwe nezinwele zonke zekanda lenu. 31 Ngakoke ma ni ng'esabi: ni ya yi dhlula imizwilili emininingi. 32 Ngakoke wonke o ya kungivuma pambi kwabantu, nami ngi ya kumvuma pambi ku ka Baba o sezulwini. 33 Kepa o ya kungipika pambi kwabantu, nami ngi ya kumpika pambi ku ka Baba o sezulwini.

34 Musani ukucabanga ukuti ngi ze kufaka ukutula emhlabeni: a ngi zanga kufaka ukutula, ngi ze kufaka inkemba. 35 Ngoba pela ngi ze kupambanisa umuntu noyise, indodakazi nonina, umalokazana noninazala: 36 izita zomuntu zo ba abendhlu yake. 37 O tanda uyise nonina kunami a ka ngi fanele; n'o tanda indodana nendodakazi kunami a ka ngi fanele. 38 N'o nga tabati isipambano sake a ngi landele, a ka ngi fanele. 39 O fumana ukupila kwake wo ku lahlekelwa; kepa o lahlekelwa ukupila kwake ngenxa yami wo ku fumana.

40 O wamkela nina u ya ng'amkela, naye ong'amkelayo wamkela ongitumileyo. 41 O wamkela umprofeti ngegama lomprofeti u ya kuzuza umvuzo womprofeti: n'o wamkela olungileyo ngegama lolungileyo u ya kuzuza umvuzo wolungileyo. 42 N'o ya kupuzisa a be munye wa laba abancinyane indebe nje yamanzl abandayo ngegama lomfundi, ngi qinisile ngi ti kini ka soze a lahlekelwe umvuzo wake.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U babaza uJohane. Ujakaja imizi. Ijokwe lake.

11 Kwa tike, uJesu se e qedile ukuyala abafundi bake aba ishumi nambili, w'emuka lapo, wa ya kufundisa nokushumayela emizini ya kubo.

2 Kepa uJohane e se zwile e sendhlini yeziboshwa imisebenzi ka Kristu, wa tuma ngabafundi bake 3 wa ti kuye, Wena u nguye ozayo, nokuba si bheke omunye yini na? 4 Wa pendula uJesu wa ti kubo, Hambani ni ye ni m bikele uJohane enikuzwayo nenikubonayo: 5 izimpumpute zi buya zi bone, izinyonga zi ya hamba, aba nocoko ba ya hlanjululwa, izitulu zi y'ezwa, abafileyo ba ya vuswa, abampofu ba ya shunyayezwa izindaba ezinhle. 6 U busisiwe o nga yi kukubekiswa ngami.

7 Kwa t'uba ba muke laba, uJesu wa qala ukuti ezixukwini ngoJohane, Ni pume na ya ehlane ukuyobukani na? uhlanga lu nyakaziswa umoya na? 8 Kepa ni pume na ya kobonani na? umuntu o wambete izingubo ezinotonoto na? Bhekani, aba gqoka okunotonoto ba sezindhlini zamakosi. 9 Kodwake na pumelani? ni ye kubona umprofeti na? Yebo, ngi ti kini, o ngapezu kwomprofeti. 10 Lo u nguye, oku lotshwe ngaye ukuti,

Bheka, ngi tuma isigijimi sami pambi kwobuso bako,
Esi ya kulungisa indhela yako pambi kwako.

11 Ngi qinisile ngi ti kini, Pakati kwaba zelwe abesifazana a ku velanga omkulu kunoJohane umBapatizi: kantike omncinyane nje embusweni wezulu mkulu kunaye. 12 Ku sukela emihleni ka Johane umBapatizi ku ze ku be manje umbuso wezulu u ya xozonyelwa, abaxozomelayo ba ya wu panga. 13 Ngoba abaprofeti bonke nawo umteto ba profeta kwa za kwa ba uJohane. 14 Uma ni vuma ukukwamkela, lo u nguElija, o melwe ukufika. 15 O nezindhlebe zokuzwa, ma k'ezwe. 16 Kepa lesi sizukulwane ngi ya kusifanisa nani na? Si fana nabantwana aba hlezi ezindaweni zokubutana, be memeza abangane babo 17 be ti, Si ni betele imitshingo, a na ze na sina; sa lilisela, a na ze na mbongoza. 18 Ngokuba uJohane wa fika e nga dhli e nga puzi, ba ti, U nedemone. 19 INdodana yomuntu ya fika i dhla i puza, ba ti, Nangu, umuntu o isiminzi nenseli, umhlobo wabatelisi nezoni! Kepa ukuhlakanipa ku tetwa imisebenzi yako.

20 Wa s'e qala ukujakaja imizi okw'enziwa kuyo imvama yemisebenzi yake yamandhla, ngokuba i nga pendukanga. 21 Wa ti, Maye wena, Korazin! Maye wena, Betesayida! ngoba uma be kwenziwe eTire na seSidon imisebenzi yamandhla ey'enziwe kini, nga ku be kade ya penduka ngendwangu yamasaka na ngomlota. 22 Kepa ngi ti kini, ko ba lula kulo iTire neSidon ngosuku lokwahlulela kuna kinina. 23 Nawe, Kapernaum, u ya kupakanyiselwa ezulwini na? u ya kwehlela eHayidese: ngoba uma be kwenziwe eSodom imisebenzi yamandhla ey'enziwe kuwe, nga be li kona na namhla. 24 Kepa ngi ti kini ko ba lula kulo izwe la seSodom ngosuku lokwahlulela, kuna kuwe.

25 Nga leyo nkati uJesu wa pendula wa ti, Ngi ya ku bonga, Baba, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba u fihle loku kwabahlakanipileyo nabaqondileyo, wa kwambula ezinganeni: 26 yebo, Baba, ngokuba kwa ku kuhle pambi kwako. 27 Zonk'izinto ngi zi nikwe nguBaba: a kako oyaziyo iNdodana, kupela uYise; a kako futi o wazi uYise, kupela iNdodana, na lowo iNdodana e tanda ukumambulela yena. 28 Zanini kimi, nina nonke enikandhlekayo nenisindwayo, ngo ni pumuza. 29 Tabatani ijokwe lami ni li twale, ni funde kimi; ngokuba ngi mnene ngi tobile ngenhliziyo: ni ya kufumana ukupumula emipefumlweni yenu. 30 Ngokuba ijokwe lami lihle, nomtwalo wami u lula.

12 Nga leyo nkati uJesu wa dabula emasimini ngesabata; abafundi bake ba be lambile, ba qala ukuka izikwebu ba dhla. 2 Kepa ba t'ukubona loku abaFarisi, ba ti kuye,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Inkosi yesabata. Inhlamba yabaFarisi.

A u bheke, abafundi bako b'enza oku
nga vumekile ukwenziwa ngesabata.
3 Wa ti ke kubo, A ni fundanga yini
okw'enziwa uDavida msukwana e la-
mbile, yena naba be naye; 4 ukuti
wa ngena endhlini ka Nkulunkulu,
wa dhla izinkwa zokubhekwa, okwa
ku nga vumekile kuye ukuba a zi
dhle, na kubo aba be naye, kupela
abapristi bodwa na? 5 Futi a ni fu-
ndanga yini emtetweni, ukuti ngesa-
bata abapristi etempelini ba dumaza
isabata, ba nga bi na cala? 6 Kepa
ngi ti kini, omkulu kunetempeli u ko-
na lapa. 7 Kepa uma be n'azi ukuba
ku tini loku, ukuti Ng'enamela isihau,
ku nge siwo umhlatshelo, nga ni nga
ba lahlanga aba nge na cala. 8 Ngo-
kuba iNdodana yomuntu i yinkosi ye-
sabata.

9 W'emuka lapo, wa ya wa ngena
esinagogeni labo: 10 nangoke, umu-
ntu o nesandhla esishwabeneyo. Ba
m buza, ba ti, Ku vumekile yini uku-
pilisa ngesabata na? ukuba ba m be-
k'icala. 11 Wa ti kubo, U mupi
umuntu wa kini, o nga ti e nemvu
inye, uma yona i yela emgodini nge-
sabata, o nga yi kuyibamba a yi ku-
pule na? 12 Poke umuntu u dhlula
imvu kangakanani na! Ngakoke ku
vumekile ukwenza okuhle ngesabata.
13 Wa s'e ti ku lo muntu, Yelula isa-
ndhla sako. Wa s'elula; sa lunga sa ti
mwe, njengesinye. 14 Kepake aba-
Farisi ba puma, b'enza isigungu nga-
ye, sokuti ba nga m bubisa kanja-
ni.

15 UJesu e kwazi loku w'emuka
lapo: wa landelwa abaningi; wa ba pi-
lisa bonke, 16 wa ba yalisisa ukuba ba
nga m vezi obala: 17 ukuba ku gcwa-
liseke okwa shiwo ngoIsaya umpro-
feti, ukuti,

18 Bheka inceku yami engiyiketi-
leyo;
Otandiweyo wami omenamelayo
umpefumlo wami:
Ngo beka uMoya wami pezu
kwake,
A bikele abezizwe ukwahlulela.
19 A ka yi kudaza, a ka yi kubanga-
lasa,
A li yi kuzwiwa muntu izwi lake
ezitaladini.
20 Uhlanga olufecekileyo a ka yi ku-
lwapula,
Impokwe etunqayo a ka yi ku-
yicima,
A ze a kipele ukwahlulela eku-
nqobeni.
21 Izizwe zi ya kwetembela egame-
ni lake.

22 Kwa se ku letwa kuye o kwe-
lwe idemone, e impumpute e isimu-
ngulu: wa m pilisa, ngangoba o isi-
mungulu wa kuluma wa bona. 23
Za se zi nkema izixuku zonke, za ti,
Kambe lo nga se ku be u indodana ka
Davida na? 24 Kepa abaFarisi be
ku zwa, ba ti, Lo ka kipi amademone,
kupela ngoBelzebule isikulu samade-
mone. 25 E zazi izizindhlo zabo wa
ti kubo, Umbuso noma umupi o wa-
hlukene wodwa u ya citeka; na lowo
muzi nokuba indhlu e yahlukene yo-
dwa i ng'eme: 26 uma uSatane e kipa
uSatane, wahlukene yedwa; po umbu-
so wake u ng'ema kanjani na? 27
Uma mina ngi kipa amademone ngo-
Belzebule, po, amadodana enu a wa
kipa ngobani na? ngalokoke wona a
ya kuba abahluleli benu. 28 Kepa
nxa mina ngi kipa amademone ngo-
Moya ka Nkulunkulu, umbuso ka
Nkulunkulu se u fikile kini. 29 Umu-
ntu a nga ngena kanjani endhlini
yesiqwaga, a pange impahla yaso, e nga
qalanga wa bopa isiqwaga: and'uku-
panga indhlu yaso. 30 O nge nami u
melene nami; n'o nga buti nami u ya
hlakaza. 31 Ngalokoke ngi ti kini,
Abantu ba ya kutetelelwa konke
ukwona nokuhlambalaza; kodwa uku-
hlambalaza uMoya a ku yi kutetele-
lwa. 32 Lowo o kuluma izwi elibi
ngeNdodana yomuntu u ya kutete-
lelwa; kodwa o li kuluma ngoMoya
oNgcwele, a nge tetelelwe, na ku leli,
na kwelizayo. 33 Yenzani umuti u
be muhle, nezitelo zawo zi be zinhle;
noma n'enze umuti u be owonake-
leyo, nezitelo zawo zi be ezonakele-
yo: ngokuba umuti w'aziwa ngezite-
lo zawo. 34 Nzalo yezinyoka, ni nga
ba namandhla kanjani ukuba ni kulu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U kuza aba funa isibonakaliso. Umfanekiso womhlwanyeli.

me okulungileyo loku ni babi na? ngokuba umlomo u kuluma ngokucicima kwenhliziyo. 35 Umuntu olungileyo u kipa okulungileyo engcebweni yake elungileyo nomuntu omubi u kipa okubi engcebweni yake embi. 36 Ngi ti kini, amazwi onke a ize abawakulumayo abantu, ba ya kulanda ngawo ngosuku lokwahlulela. 37 Ngokuba ngamazwi ako u ya kutetwa, na ngamazwi ako u ya kulahlwa.

38 Kwa se ku pendula abatile kubabhali nabaFarisi ba ti, Mfundisi, ku nga si nga bona isibonakaliso esenziwa uwe. 39 Wa pendulake wa ti kubo, Isizukulwane esibi nesipingayo si funa isibonakaliso; kepa a si yi kunikwa sibonakaliso kupela isibonakaliso si ka Jona umprofeti: 40 ngoba njengokuba uJona wa be e sesiswini somkomo izimini ezintatu nobusuku obutatu; ku njalo iNdodana yomuntu i ya kuba sembilinini womhlaba izimini ezintatu nobusuku obutatu. 41 Abantu ba seNineve ba ya kusukuma ekwahluleleni kanye na lesi sizukulwane, ba si lahle: ngokuba ba penduka ngokushumayela ku ka Jona; inganti, ku kona omkulu kunoJona lapa. 42 Inkosikazi ya seningizimu i ya kusuka i me ekwahluleleni kanye na lesi sizukulwane, i si lahle: ngokuba y'eza i vela emajukujukwini omhlaba ukuzwa ukuhlakanipa ku ka Solomon; inganti, ku kona omkulu kunoSolomon lapa. 43 Ku ya ye ku ti nxa umoya ongcolileyo, e pume ku muntu, a dabule izindawo ezi nge namanzi, e funa ukupumula, e nga ku fumani. 44 A be se ti, Ngi za'u buyela endhlini yami enga puma kuyo; a tike ekufikeni kwake, a i fumane i igemfu, i shaneliwe, i hlotshisiwe. 45 A be se hamba, a yo tata kanye naye abanye omoya aba isikombisa ababi kunaye, ba ngene ba hlale kona: ku ti impeto ya lowo muntu i be mbi kunokuqala kwake. Ko ba njalo ku lesi sizukulwane esibi.

46 E sa kuluma ezixukwini, nango unina nabafo wabo be mi ngapandhle, be funa ukukuluma naye. 47 Wa s'e ti kuye otile, Nangu unyoko nabafo wenu be mi ngapandhle, be funa ukukuluma nawe. 48 Kepa wa pendula wa ti kuye omtshelileyo, Ngubani uMame, nabafo wetu obani na? 49 Wa s'elula isandhla sake nga ku bafundi bake, wa ti, Nangu umame nabafo wetu! 50 Ngoba lowo o wenza intando ka Baba o sezulwini, uyena o ngumfo wetu, nodade wetu, nomame.

13 Nga lolo suku uJesu wa puma endhlini, wa ya wa hlala nga selwandhle. 2 Kwa se ku butana kuye izixuku ezikulu, wa za wa ngena esikebheni wa hlala pansi; isixuku sonke s'ema ogwini. 3 Wa kuluma kubo okuningi ngemifanekiso, wa ti, Bhekani, kwa puma umhlwanyeli ukuyohlwanyela; 4 ekuhlwanyeleni kwake, enye imbeu ya wa nga sendhleleni, kwa fika izinyoni za yi dhla za yi qeda: 5 enye ya wa ezigedhleni, lapo i nge na mhlabati omningi: ya mila masinyane, ngokuba i nge na mhlabati ojulileyo: 6 se li pumile ilanga ya hamuka; na ngokuba i nge na mpande, ya buna. 7 Enye ya wa emeveni; a hluma ameva a i minyanisa: 8 kepa enye ya wa emhlabatini omuhle, ya tela ukudhla, enye ngekulu, enye ngamashumi a isitupa enye ngamashumi amatatu. 9 O nezindhlebe, a k'ezwe.

10 Kwa se ku fika abafundi bake, ba ti kuye, U kulumelani kubo ngemifanekiso na? 11 Wa pendulake wa ti kubo, Ni piwe nina ukwazi izimfihlakalo zombuso wezulu, kodwa a ba ku piwanga bona. 12 Ngokuba o nako, u ya kupiwa, a vame: kodwa o nge nako, u ya kwamukwa na loko a nako. 13 Ngaloku ngi ya kuluma kubo ngemifanekiso; ngokuba be bona nje a ba boni, be zwa nje a b'ezwa, a ba qondi. 14 Ku gcwaliseka kubo isiprofeto si ka Isaya, esi ti,

> Ukuzwa ni ya kuzwa, ni nga ze na qonda;
> Nokubona ni ya kubona, ni nga ze n'azi:
> 15 Ngokuba inhliziyo ya laba bantu i kulupele,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umqangabodwe. Inhlamvu yesinapi. Imvubelo.

B'ezwa kanzima ngezindhlebe,
Amehlo abo ba wa te name;
Funa mhlaumbe ba bone ngamehlo,
B'ezwe ngezindhlebe,
Ba qonde ngenhliziyo,
Ba penduke,
Ngi ba pulukise.

16 Kodwa a busisiwe amehlo enu, ngokuba e bona; nezindhlebe zenu, ngokuba zi zwa. 17 Ngokuba ngi qinisile ngi ti kini, baningi abaprofeti nabalungileyo aba be fisa ukubona enikubonayo, a ba ku bonanga; nokuzwa enikuzwayo, a ba ku zwanga. 18 Yizwanike nina umfanekiso womhlwanyeli. 19 Wonke o suk'ezwa izwi lombuso, e nga li qondi, ku fika omubi, a hlwite oku hlwanyelwe enhliziyweni yake. Nguye lo o hlwanyelwe nga sendhleleni. 20 O hlwanyelwe ezigedhleni, nguye olizwayo izwi, a l'amkele masinyane ngokutokoza; 21 kanti ka na mpande pakati kwake, u ba ngowomzuzwana nje; ku t'ukuba ku vele ukukatazeka nokuzingelwa ngenxa yezwi a kubeke masinyane. 22 O hlwanyelwe emeveni, nguye lo olizwayo izwi; kepa ukupisekela izwe, nokukohlisa kwengcebo, ku minyanisa izwi, a be ongateliyo. 23 O hlwanyelwe emhlabatini omuhle, nguye lo olizwayo izwi, a li qonde; a tele impela ukudhla, omunye a veze ngekulu, omunye ngamashumi a isitupa, omunye ngamashumi amatatu.

24 Omunye umfanekiso wa wu beka kubo, wa ti, Umbuso wezulu u faniswa nomuntu owa hlwanyela imbeu enhle ensimini yake: 25 kepa abantu be sa lele, kwa fika isita sake sa hlwanyela umqangabodwe pakati kwamabele, s'emuka. 26 Kwa t'uba ku hlume ikaba li tele ukudhla, kwa se ku bonakala nomqangabodwe. 27 Kwa se ku fika izisebenzi zomninindhlu za ti kuye, Nkosi, a u hlwanyelanga imbeu enhle ensimini yako na? po i wu tatepi umqangabodwe? 28 Wa ti kuzo, Umuntu o isita o wenze loku. Za tike kuye izisebenzi, Po u ya tanda si ye si wu bute na? 29 U teke, Qa; funa mhlaumbe ni ti ni buta umqangabodwe, ni sipule amabele kanye nawo. 30 Yekani ku kule ndawonye kokubili ku ze ku be sekuvuneni: ngesikati sokuvuna ngi ya kuti kwabavunayo, Butani kuqala umqangabodwe, ni wu bope izinyanda ukuba u shiswe; ni butele amabele edhladhleni lami.

31 Omunye umfanekiso wa wu beka kubo wa ti, Umbuso wezulu u fana nenhlamvu yesinapi, a yi tabata umuntu, wa yi hlwanyela ensimini yake: 32 incinyane kambe kunazo zonke izimbeu; kepa uma i si kulile, inkulu kun'ezilimo, i ba umuti, ku fika izinyoni zezulu zi hlale emagatsheni awo.

33 Wa kuluma kubo omunye umfanekiso; wa ti, Umbuso wezulu u fana nemvubelo, a i tabata owesifazana, wa yi fihla empushini e izilinganiso ezintatu, ya za ya vubeleka yonke.

34 Konke loku uJesu wa ku kuluma ezixukwini ngemifanekiso; ka kulumanga luto kuzo ku nge nga mfanekiso: 35 ukuze ku gcwaliseke okwa kulunywa ngomprofeti, ukuti,

Ngi ya kuvula umlomo wami ngemifanekiso;
Ngi ya kupimisela okufihliweyo iloku kwa sekelwa umhlaba.

36 Wa s'e zi shiya izixuku, wa ngena endhlini: b'eza kuye abafundi bake, ba ti, Si casisele umfanekiso womqangabodwe wensimu. 37 Wa pendulake wa ti kubo, O hlwanyela imbeu enhle yiNdodana yomuntu; 38 insimu ngumhlaba; imbeu enhle, laba ba ngabantwana bombuso; umqangabodwe u ngabantwana bomubi; 39 isita esawuhlwanyelayo ngumhlebi: ukuvunake ngukupela kwezwe; abavuni ba izingelosi. 40 Njengoba pela umqangabodwe u butwa, u shiswe ngomlilo; ko ba njalo ekupeleni kwezwe. 41 INdodana yomuntu i ya kutuma izingelosi zayo, zi bute embusweni wayo konke okukubekisayo, nab'enza okubi, 42 zi ba ponse esitandweni somlilo: ko ba kona lapo ukukala nokugedhla amazinyo. 43 Konake abalungileyo ba ya kukanya

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

njengelanga embusweni ka Yise wabo. O nezindhlebe, a k'ezwe.

44 Umbuso wezulu u fana nengcebo e fihlwe ensimini; a yi fumana umuntu, wa yi fihla; oku te ngentokozo yake wa ya wa tengisa ngako konke a nako, wa tenga leyo nsimu.

45 Futi, umbuso wezulu u fana nomuntu o ngumhwebi e funa amaparele amahle: 46 wa t'uba a fumane iparele eli nenani elikulu, wa ya wa tengisa ngako konke a nako, wa li tenga.

47 Futi, umbuso wezulu u fana neneta, ela ponswa elwandhle, la hlanganisa izinhlobo zonke: 48 okwa ti se li gcwele, ba li donsela ogwini; ba hlala pansi, ba butela ezinhle ezitsheni, ba lahla ezimbi. 49 Ko ba njalo ekupeleni kwezwe: zi ya kupuma izingelosi, z'ahlukanise ababi zi ba kipe pakati kwabalungileyo, 50 zi ba ponse esitandweni somlilo: ko ba kona lapo ukukala nokugedhla amazinyo.

51 Ni ku qondile konke loku na? Ba ti kuye, Yebo. 52 Wa s'e ti kubo, Ngalokoke wonke umbhali o fundiselwe umbuso wezulu u fana nomuntu o ngumninindhlu, o kipa engcebweni yake okusha nokudala.

53 Kwa tike uJesu, e se qedile le mifanekiso, w'emuka lapo.

54 Wa t'ukufika ezweni la kubo wa ba fundisa esinagogeni labo, ngangoba ba shaqeka, ba ti; Lo u ku tatepi loku kuhlakanipa, na le misebenzi yamandhla na? 55 Lo a siyo indodana yombazi na? unina ka tiwa uMaria na? Nabafo wabo a sibo oJakobe, noJosefa, noSimon, noJudas na? 56 Nodade wabo, a bako lapa bonke kitina na? Poke, lo u tatepi loku konke na? 57 Njaloke ba kubeka ngaye. Kepa uJesu wa ti kubo, Umprofeti ka ku sweli ukutuswa, kupela ezweni la kubo, na sendhlini ya kwabo. 58 A k'enzanga lapo imisebenzi eminingi yamandhla ngokungakolwa kwabo.

14 Nga leso sikati uHerode inkosi yesifunda w'ezwa indaba ka Jesu, 2 wa ti ezincekwini zake, Lo nguJohane umBapatizi; u vukile kwabafileyo; ngalokoke lawa mandhla a ya sebenza kuye. 3 Ngokuba uHerode wa e bambe uJohane, wa m bopa, wa m faka etilongweni ngenxa ka Herodiya, umka Filipu umfo wabo. 4 Ngokuba uJohane wa be te kuye, A ku vumekile ukuba u be naye. 5 Wa ti e funa ukumbulala, w'esaba abantu, ngokuba be ti ngumprofeti. 6 Kwa ti se ku fika usuku lokuzalwa lu ka Herode, indodakazi ka Herodiya ya sina pakati kwabo, ya m delisa uHerode. 7 Okwa ti ngako wa yi tembisa ngesifungo ukuyipa loko engakucelayo. 8 Ya se i ti, i si funzelelwe unina, Ngi nike lapa oqwembeni ikanda li ka Johane umBapatizi. 9 Inkosi ya dabuka; kepa ngenxa yezifungo zayo, na ngenxa yabo aba be hlezi nayo ekudhleni, ya yaleza ukuba i nikwe; 10 ya se i tuma ya m nquma uJohane ikanda etilongweni. 11 Ikanda lake la letwa ngoqwembe, la nikwa intombazana: ya li yisake kunina. 12 Kwa fika abafundi bake, ba tabata isidumbu, ba si mbela; ba ya ba bikela uJesu.

13 Se e zwile uJesu, w'emuka lapo ngesikebhe, wa ya endaweni e ihlane e yedwa: za t'ukuzwa izixuku, za m landela ngezinyawo zi puma emizini. 14 Wa puma wa bona isixuku esikulu, wa ba nesihe ngaso, wa pilisa abagulayo baso. 15 Ku sa hlwa abafundi bake b'eza kuye, ba ti, I ihlane le ndawo, isikati se si dhlulile; zi mukise izixuku ukuba zi ye emizaneni, zi zitengele ukudhla. 16 Kepa uJesu wa ti kubo, A ku dingeki ukuba zi muke; zi peni nina zi dhle. 17 Ba ti kuye, A si na luto lapa kupela izinkwa ezi isihlanu, nezinhlanzi ezimbili. 18 Wa tike, Zi leteni lapa kimi. 19 Wa se yala izixuku ukuba zi cambalale pansi otshanini; wa tabata izinkwa ezi isihlanu, nezinhlanzi ezimbili, wa bheka ezulwini, wa zi busisa, wa zi hlepula wa ba nika abafundi izinkwa, abafundi ba nika izixuku. 20 Ba dhla bonke, b'esuta; ba buta amavutuluka aseleyo, amaqoma a ishumi nambili e gcwele. 21 Abadhlayo ba be amadoda a nga izinkulungwane

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U hamba pezu kwamanzi. Ukungcola. Izinja nabantwana.

ezi isihlanu, ngapandhle kwesifazana nabantwana.

22 Wa se e sindezela abafundi masinyane ukuba ba ngene esikebheni ba m andulele ukuya ngapesheya, a ze a mukise izixuku. 23 E se mukise izixuku w'enyukela entabeni e yedwa ukuba a tandaze: kwa hlwake, e yedwa lapo. 24 Kepa isikebhe sa se si pakati nolwandhle, si kahlanyezwa amaza; ngoba umoya wa be u pambene nabo. 25 Ngomlindo wesine wobusuku wa ya kubo, e hamba pezu kwolwandhle. 26 Kepake ba t'ukumbona abafundi e hamba pezu kwolwandhle, ba tatazela ba ti, Litongo; ba dazuluka ngokwesaba. 27 Kepa uJesu wa s'e kuluma nabo masinyane, wa ti, Yimani isibindi; yimina; ni ng'esabi. 28 UPetro wa s'e pendula wa ti kuye, Nkosi, uma ku nguwe, yisho ukuba ngi ze kuwe ngi hamba pezu kwamanzi. 29 Wa ti ke, Woza. Wa s'ehlake uPetro esikebheni wa hamba pezu kwamanzi ukuya ku Jesu. 30 Kepa e bona umoya, w'esaba; e se qala ukushona, wa dazuluka, wa ti, Nkosi, ngi sindise. 31 UJesu wa s'elula isandhla masinyane, wa m bamba, wa ti kuye, Au, wena o nokukolwa okuncinyane, u ngabazeleni na? 32 Se b'enyukele esikebheni wa bohla umoya. 33 Aba be sesikebheni ba kuleka kuye, ba ti, Iqiniso u yiNdodana ka Nkulunkulu.

34 Se be welile, ba fika ezweni, eGenesarete. 35 Ba ti ukumazi abantu ba leyo ndawo, ba tumela kulo lonke ela nga kona, ba leta kuye bonke abagulayo; 36 ba m ncenga ukuba ba namate nje umpeto wengubo yake: abawunamatayo bonke ba sinda.

15 Kwa se ku fika ku Jesu abaFarisi nababhali be puma eJerusalem be ti, 2 Yini ukuba abafundi bako b'eqe isikoti la okoko? ngoba a ba hlambi izandhla zabo nxa be dhla ukudhla. 3 Wa pendulake wa ti kubo, Nani yini ukuba n'eqe umyalo ka Nkulunkulu ngenxa yesikoti lenu? 4 Ngoba uNkulunkulu wa ti, Hlonipa uyihlo nonyoko: nokuti, O tuka uyise noma unina, a ka fe nokufa. 5 Kodwa nina ni ti, Oshoyo ku yise noma ku nina ukuti, Ku umnikelo loko o nga be u sizwe imi ngako; 6 a nga be e sa m hlonipa uyise. Njaloke ni buntshisa izwi li ka Nkulunkulu ngesikoti lenu. 7 Bazenzisi, wa profeta kahle ngani uIsaya, e ti,

8 Laba bantu ba ya ngi dumisa ngezindebe;
Kepa inhliziyo yabo i kude nami.
9 Kepa ba kuleka kimi ku be ize,
Be fundisa ku be izifundiso zabo iziyalezelo zabantu.

10 Wa s'e biza isixuku, wa ti kuso, Yizwani, ni qonde: 11 A ku siko oku ngena emlonyeni oku ngcolisa umuntu; kepa oku puma emlonyeni, loku ku ya m ngcolisa umuntu. 12 Kwa se ku fika abafundi, ba ti kuye, U y'azi ukuba abaFarisi ba te ukuzwa lelo zwi, ba cunuka na? 13 Wa pendulake wa ti, Izitshalo zonke ezi nga tshalwanga uBaba o sezulwini, zi ya kusishulwa. 14 Ba yekeni; ba ngabaholi aba izimpumpute. Nxa impumpute i hola impumpute, zo yela emgodini zombili. 15 Wa s'e pendula uPetro wa ti kuye, Si casisele lo mfanekiso. 16 Wa ti ke, Kanti nani ni se ngabangaqondiyo na? 17 A ni qondi yini, ukuti konke oku ngena emlonyeni ku dhlulela esiswini, ku lahlelwe ngapandhle? 18 Kepa oku puma emlonyeni ku vela enhliziyweni; loko ku ya m ngcolisa umuntu. 19 Ngokuba ku vela enhliziyweni imicabango emibi, ukubulala, ukupinga, ubufebe, ukweba ukufakaza okwamanga, ukuhlambalaza; 20 iloku oku ngcolisa umuntu; kodwa ukudhla ngezandhla ezi nga hlanjwanga a ku m ngcolisi umuntu.

21 E pumile lapo uJesu, wa ya kwela seTire neSidon. 22 Bheka, kwa fika owesifazana wa kwa Kanan e vela emikaulweni ya kona, wa kala kuye, wa ti, Ngi haukele, Nkosi, Ndodana ka Davida; indodakazi yami i kwelwe kabi idemone. 23 Kodwa ka m pendulanga ngazwi. Ba se b'eza kuye abafundi bake ba m nxusa, ba ti, M mukise; ngoba u si landela e

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izinkulungwane ezine.

kala. 24 Kepa wa pendula wa ti, A ngi tunyelwanga kwabanye kupela ezimvwini ezilahlekileyo zendhlu ya kwa Israeli. 25 Kepa w'eza wa kuleka kuye, e ti, Nkosi, ngi size. 26 Wa pendula wa ti, A ku fanele ukuba ku tatshatwe isinkwa sabantwana si ponswe ezinjeni. 27 Wa ti ke yena, Yebo, Nkosi: kanti ke nezinja zi dhla imvutuluka ewayo etafuleni labanizo. 28 Wa s'e pendula uJesu wa ti kuye, Wo mame, kukulu ukukolwa kwako: a kwenzeke kuwe njengokutanda kwako. Indodakazi yake ya pulukiswake ku sukela ku leso sikati.

29 W'esuka lapo uJesu, wa ya nga selwandhle lwa seGalile; e s'enyukele entabeni, wa hlala pansi kona. 30 Kwa se ku fika kuye izixuku ezikulu, zi za nezinyonga, nezimpumpute, nezimungulu, nezilima, nabanye abaningi, za ba lahla nga sezinyaweni zake; wa ba pilisa: 31 za za za mangala izixuku, zi bona izimungulu zi kuluma, izilima se zi pilile, izinyonga zi hamba, izimpumpute zi bona: za dumisa uNkulunkulu ka Israeli.

32 UJesu wa s'e biza abafundi bake, wa ti, Ngi nesihe ngesixuku, ngoba se ku izinsuku ezintatu si hlezi nami si nge na luto lokudhliwa: a ngi tandi ukubamukisa be nga dhlanga, funa mhlaumbe ba ti yetelele endhleleni. 33 Ba ti kuye abafundi, So zi tatapi izinkwa ezingaka si sehlane ezi nga ze zi sutise isixuku esingaka? 34 Wa ti kubo uJesu, Ni nezinkwa ezingapi na? Ba ti, Zi isikombisa, nezinhlanzana ezi ingcozana. 35 Wa yala isixuku ukuba si hlale pansi emhlabatini; 36 wa tabata izinkwa ezi isikombisa nezinhlanzi; wa bonga wa zi hlepula, wa nika abafundi, abafundi ba nika izixuku. 37 Ba dhla bonke, b'esuta: ba cosha okwasalayo kwamavutuluka, onyazi aba isikombisa be gcwele. 38 Abadhlayo ba be izinkulungwane ezine zamadoda, ngapandhle kwesifazana nabantwana. 39 E se mukise izixuku, wa ngena esikebheni w'eza emikaulweni ya seMagadan.

Imvubelo yabaFarisi.

16 Kwa se ku fika abaFarisi nabaSadusi, be m linga ba cela kuye ukuba a ba bonise isibonakaliso esi vela ezulwini. 2 Wa pendulake wa ti kubo, Ku sa hlwa, ni ti, Lo ba li cwebile: ngokuba li bejile izulu. 3 Kusasa ni ti, Li za kupendula namhla: ngokuba li bejile izulu li nyakeme. Ni ya kwazi ukucaza ukuma kwezulu; kepa a ni namandhla ukucaza izibonakaliso zezikati. 4 Isizukulwane esibi nesipingayo si funa isibonakaliso; kepa a si yi kunikwa sibonakaliso, kupela isibonakaliso si ka Jona. Wa se e ba shiya, w'emuka.

5 Be fikileke abafundi bake ngapesheya ba be kohliwe ukupata izinkwa. 6 UJesu wa ti kubo, Bhekani ni xwaye imvubelo yabaFarisi nabaSadusi. 7 Ba se be zindhlisana, ba ti, A si patanga zinkwa. 8 E kwazi loku uJesu wa ti, Nina aba nokukolwa okuncinyane, yini ukuba ni zindhlisane ngokuti a ni na zinkwa? 9 A ni ka qondi yini, a ni kumbuli izinkwa ezi isihlanu zezinkulungwane ezi isihlanu, nokuba amaqoma a be mangapi enawabutayo na? 10 Nezinkwa ezi isikombisa zezinkulungwane ezine, nokuba onyazi ba be bangapi enababutayo na? 11 Yini ukuba ni nga qondi ukuti a ngi kulumanga kini ngesinkwa? Kepa xwayani imvubelo yabaFarisi nabaSadusi. 12 Ba se be qonda ukuti ka shongo ukuti ma ba xwaye imvubelo yesinkwa, u be sho ukufundisa kwabaFarisi nabaSadusi.

13 Kwa t'uba uJesu a fike kwela kwa Kesariya Filipi, wa buza abafundi bake, e ti, Abantu ba ti i ngubani iNdodana yomuntu na? 14 Ba tike, Abanye ba ti uJohane umBapatizi; abanye ba ti, uElija; abanye ba ti, uJeremiya, mhlaumbe omunye wabaprofeti. 15 Wa s'e ti kubo, Po nina ni ti ngi ngubani na? 16 USimon Petro wa pendulake wa ti, U nguKristu, iNdodana ka Nkulunkulu opilayo. 17 UJesu wa pendula wa ti kuye, U busisiwe wena, Simon ka Jona: ngokuba a u kwambulelwanga loku yinyama negazi, u kwambulelwe

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nguBaba o sezulwini. 18 Namike ngi ti kuwe, u nguPetro, ngi ya kulaka ibandhla lami pezu kwa leli dwala; amasango eHaidese a ka yi kulahlula. 19 Ngi ya kukunika izihlutulelo zombuso wezulu: ko ti ke okubopayo emhlabeni ku boshwe ezulwini; na loko okukululayo emhlabeni ku ya kukululwa ezulwini. 20 Wa s'e ba yalisisa abafundi ukuba ba nga tsheli muntu ukuti yena u nguKristu.

21 Ku sukela ku leso sikati uJesu wa qala ukubonisa abafundi bake, ukuba u melwe ukuya eJerusalem, a hlupeke ngokuningi ku malunga nabapristi abakulu nababhali, a bulawe, a vuswe ngosuku lwesitatu. 22 UPetro wa m tabata, wa qala ukumkuza, e ti, Musa, Nkosi: a ku soze kwa ba njalo kuwe. 23 Wa pendulake, wa ti ku Petro, Suka Satane u ye emva kwami: u isikubekiso kimi: a u naki oku ka Nkulunkulu, u naka okwabantu. 24 Wa s'e ti uJesu ku bafundi bake, Uma umuntu e tanda ukuza emva kwami, ka zidele, a tabate isipambano sake, a ngi landele. 25 Ngokuba o tanda ukusindisa ukupila kwake, u ya kulahlekelwa iko: kodwa o lahlekelwa ukupila kwake ngenxa yami u ya kukufumana. 26 Ngokuba ku ya kumsiza ngani umuntu, uma e zuza umhlaba wonke, a punyukwe ukupila kwake na? umuntu a nga kipani ukuba enane ukupila kwake? 27 Ngokuba iNdodana yomuntu i za kuza ngobukosi bu ka Yise kanye nezingelosi zayo; konake i ya kuvuza ku be ilowo ngokwokwenza kwake. 28 Ngi qinisile ngi ti kini, Ba kona abanye kwab'emi lapa, aba nga yi kuzwa neze ukufa, ba ze ba bone iNdodana yomuntu i za i sembusweni wayo.

17 Emva kwezinsuku ezi isitupa uJesu wa tabata uPetro, noJakobe, noJohane umfo wabo, wa kupuka nabo ba ya entabeni epakamileyo be bodwa: 2 wa s'e penduka esinye isimo pambi kwabo; ubuso bake ba kanya njengelanga, izingubo zake za ba mhlope njengokukanya. 3 Nako, ku bonakala kubo uMoses noElija be kuluma naye. 4 Wa s'e pendula uPetro, wa ti ku Jesu, Nkosi, kuhle ukuba si be lapa: uma u tanda, ngi zo kwaka lapa amadokodo amatatu; elinye li be elako, nelinye li be eli ka Moses, nelinye li be eli ka Elija. 5 Ku te e sa kuluma, nantoke, ifu elikazimulayo li ba sitibeza; nanto izwi li vela efwini, li ti, Lo u yiNdodana yami etandiweyo, engiyenameleyo; yi zweni. 6 Ba ti ukuzwa loko abafundi, ba ti mbo ngobuso, b'esaba kakulu. 7 Wa s'eza uJesu wa ba namata wa ti, Vukani, ni ng'esabi. 8 Ba ti ke ukupakamisa amehlo abo, a ba bona muntu, kupela uJesu yedwa.

9 Be s'ehla entabeni, uJesu wa ba yala, wa ti, Ni nga tsheli muntu lo mbono, i ze i vuke iNdodana yomuntu kwabafileyo. 10 Ba m buza abafundi bake, ba ti, Po, ba sho ngani ababhali ukuti, ku melwe ukuba ku fike uElija kuqala na? 11 Wa pendula wa ti, UElija kambe u y'eza, u ya kubuyisela konke kokwa ku yiko: 12 kepa ngi ti kini, uElija se wa fika, a ba m azanga kodwa, b'enza kuye abakutandayo. Na kanjalo iNdodana yomuntu i ya kuhlupeka yibo. 13 Ba se be qonda abafundi ukuba u kuluma kubo ngoJohane umBapatizi.

14 Se be fikile esixukwini, kw'eza kuye umuntu, wa guqa ngamadolo kuye, e ti, 15 Nkosi, haukela indodana yami: ngokuba i nesitutwane, si yi pete kabi; ngoba i wa futifuti emlilweni, na semanzini futifuti. 16 Ngi yi lete ku bafundi bako, kepa ba be nge namandhla okuyipilisa. 17 Wa pendula uJesu wa ti, Au, sizukulwane esingakolwayo nesixabileyo, ko za ku be nini ngi nani na? ko za ku be nini ngi ni bekezelela na? yi leteni lapa kimi. 18 UJesu wa se li kuza; idemone la puma kuyo: wa piliswa umfana ku sukela ku leso sikati.

19 Kwa se ku fika abafundi ku Jesu be bodwa, ba ti, Tina be si nge namandhla ngani ukulikipa na? 20 Wa ti ke kubo, Be ku ngenxa yobuncinyane bokukolwa kwenu: ngoba ngi qinisile ngi ti kini, Uma ni nenkolo e ngangenhlamvu yesinapi, ni nga ti ku

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

le ntaba, Suka lapa u ye lapaya; i suke; ku nga biko okunahlulayo.*

22 Ku te ke be sa hlezahlezi eGalile, wa ti kubo uJesu, INdodana yomuntu i za kukashelwa ezandhleni zabantu; 23 ba ya kuyibulala; ngosuku lwesifatu i za kuvuswa. Ba dabuka kakulu.

24 Kwa t'uba ba fike eKapernaum ab'amkela imali yetempeli b'eza ku Petro, ba ti, UMfundisi wenu ka teli imali yetempeli na? 25 Wa ti ke, Yebo. E se ngene endhlini uJesu wa m andulela, wa ti, U tini, wena Simon? amakosi omhlaba amkela kobani intela nenkokiso? ku madodana awo, kumbe kwaba semzini na? 26 E se shilo ukuti, Kwaba semzini, wa s'e ti kuye uJesu, Ngakoke amadodana a kululekile. 27 Kodwa, ukuba si nga ba kubekisi, hamba u ye elwandhle, u ponse udobo, u bambe inhlanzi e vela kuqala; wo ti u su yi kamisise umlomo, u tole ishekeli: u yi tabate, u ba nike i be okwami nokwako.

18 Nga leso sikati abafundi b'eza ku Jesu, ba ti, Po, ubani omkulu embusweni wezulu? 2 Wa s'e biza umntwana, wa m misa pakati kwabo, 3 wa ti, Ngi qinisile ngi ti kini, Uma ni nga penduki, ni be njengabantwana, a ni soze na ngena embusweni wezulu. 4 Ngakoke lowo o ya kuzitoba njenga lo mntwana, uyena omkulu embusweni wezulu. 5 Na lowo o ya kwamkela umntwana onje e munye ngegama lami wamkela mina: 6 kodwa o kubekisa omunye ku laba abancinyane aba kolwa yimi, ku nga kuhle ku lowo ukuba itshe lokusila elikulu li lengiswe entanyeni yake, a zikiswe ekujuleni kwolwandhle.

7 Maye umhlaba ngenxa yezikubekiso! ngokuba ku nge be ukuba zi nga fiki izikubekiso; kepa maye lowo muntu isikubekiso esi za ngaye! 8 umake isandhla sako nokuba unyawo lwako lu ku kubekisa, lu nqume, u lu lahle: kuhle kuwe ukuba u ngene ekupileni u isilima noma u unyonga, kunokuba u ti u nezandhla ezimbili nezinyawo ezimbili u ponswe emlilweni omiyo njalo. 9 Uma iso lako li ku kubekisa, li kipe, u li lahle: kuhle kuwe ukuba u ngene ekupileni u'so linye, kunokuba u namehlo amabili u ponswe egehena lomlilo. 10 Bhekani ukuba ni nga deleli na munye ku laba abancinyane: ngoba ngi ti kini, Izingelosi zabo ezulwini zi bona njalo ubuso bu ka Baba o sezulwini.* 12 Ni tini na? uma umuntu e nezimvu ezi ikulu, kweduke enye kuzo, a ka zi shiyi ezi mashumi a isishiyangalolunye nesishiyangalolunye, a ye ezintabeni, a fune eyedukileyo na? 13 Uma e te wa yi fumana, ngi qinisile ngi ti kini, u tokoza ngayo kuna nga lezo ezi mashumi a isishiyangalolunye nesishiyangalolunye ezi ng'edukanga. 14 Kunjaloke a siyo intando ka Yihlo o sezulwini, ukuba ku bube noyedwa ku laba abancinyane.

15 Uma umfo wenu e k'ona, hamba, u yo m kombisa icala lake ni nodwa naye: uma e ku zwa, wo ba u m zuzile umfo wenu. 16 Kodwa uma e nga ku zwa, tata a be munye nokuba be babili kanye nawe, ukuba amazwi onke a qiniswe ngomlomo wa ofakazi ababili nokuba be batatu. 17 Uma ala ukuzwa labo, tshela ibandhla: uma ala ukuzwa nebandhla, a ka be kuwe njengowezizwe nomtelisi. 18 Ngi qinisile ngi ti kini, Loko enikubopayo emhlabeni, ku ya kuboshwa ezulwini; na loko enikukululayo emhlabeni ku ya kukululwa ezulwini. 19 Futi ngi ti kini, uma ababili kini be vumelana emhlabeni ngendaba etile abayicelayo, ba ya kuyenzelwa uBaba o sezulwini. 20 Ngokuba lapo ku hlangene ababili, noma be batatu egameni lami, ngi kona pakati kwabo.

21 Kwa se ku fika uPetro, wa ti kuye, Nkosi, umfo wetu u ya kungona kangapi, ngi m tetelela na? ku ze ku be kakombisa na? 22 Wa ti ke uJesu kuye, A ngi sho kuwe ukuti, ku ze ku be kakombisa; ngi ti, ku ze

*V. 21. Kepake lolu hlobo a lu pumi, ku nge ngokutandaza nokuzila ukudhla. (Bheka Marko 9: 29.)
Leli verse se li sala ngoba li ngeko kweziningi izincwadi ezindala oku tatelwa kuzo. Kwezinye kodwa li kona.

*11 Ngoba iNdodana yomuntu i ze kusindisa okulahlekileyo.
Leli verse se li sala ngoba li ngeko ezincwadini ezona zi ndala kakulu, nokuba li kona kwezinye. (Luke 19:10.)

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ku be amashumi a isikombisa ezikombisa. 23 Ngalokuke umbuso wezulu u faniswa nomuntu o inkosi, o be tanda ukubaliselana nezinceku zake. 24 E se qalile ukubala, kwa letwa kuye enye, e necala lamatalenta a izinkulungwane ezi ishumi. 25 Kepa i nge na luto lokukoka, inkosi yayo ya yala ukuba ku tengiswe ngayo, nomkayo, nabantwana bayo, nako konke e nako, ku kokwe. 26 Ya se i wa pansi inceku ya kuleka kuyo, ya ti, Nkosi, a k'u ngi mele, ngi za kukukokela konke. 27 Inkosi ya leyo nceku, i nesihe, ya yi kulula ya yi tetelela isikwenetu. 28 Kepa leyo nceku ya puma, ya fumana enye yezinceku ezi kanye nayo, e necala kuyo la osheleni aba ikulu: ya yi bamba, ya yi hxinya, i ti, Koka o necala ngako. 29 Ngakoke inceku e kanye nayo ya wa pansi ya yi ncenga, ya ti, A k'u ngi mele, ngi za kukukokela. 30 Kepa a i vumanga: ya ya ya yi faka etilongweni, i ze i koke lelo cala. 31 Izinceku ezi kanye nayo za ti ukubona okwenzekileyo, za dabuka kakulu, za ya za balisela inkosi yazo konke okwenzekileyo. 32 Inkosi yayo ya se i yi biza, ya ti kuyo, Nceku embi, nga ku tetelela lonke lelo cala, ngokuba wa ngi ncenga: 33 nga u nga haukelanga yini o inceku kanye nawe, njengaloku ngi ku haukele na? 34 Inkosi yayo ya tukutela, ya yi kapela kubo abazwis'ubuhlungu, i ze i koke icala lonke e nalo. 35 NoBaba o sezulwini u ya kwenze njalo kinina, uma ni nga teteleli ngezinhliziyo zenu ilowo umfo wabo.

19 Kwa ti uJesu e se qedile lawa mazwi, w'emuka eGalile, wa ya emikaulweni ya seJudiya ngapesheya kweJordan; 2 wa landelwa izixuku ezikulu; wa zi pilisa lapo.

3 Kwa fika kuye abaFarisi, be m linga be ti, Ku vumekile yini ukuba umuntu a lahle umkake ngezici zonke na? 4 Wa pendulake wa ti, A ni fundanga yini, ukuti owa b'enza ekuqaleni wa b'enza ba ba owesilisa nowesifazana, 5 wa ti, Ngenxa ya loku umuntu u ya kushiya uyise nonina, a namatele ku mkake; labo babili ba ya kuba nyamanye. 6 Ngakoke a ba se babili, se be inyamanye. Ngakoke loko uNkulunkulu akubangqanisileyo, ma ku ng'ahlukaniswa umuntu. 7 Ba ti kuye, Po, wa yalelani uMoses ukuba a nikwe incwadi yesahlukaniso a lahlwe na? 8 Wa ti kubo, Ngobulukuni bezinhliziyo zenu uMoses wa ni vumela ukulahla omkenu: kepa ku sukela ekuqaleni a ku banga njalo. 9 Ngi ti kini, Lowo o lahla umkake, ku nge ngobufebe, a ganwe omunye, u ya pinga: n'o ganwa olahliweyo u ya pinga. 10 Abafundi ba ti kuye, Uma injalo indaba yomuntu nomkake, a ku kuhle ukuganwa. 11 Kepa wa ti kubo, A sibo bonke aba nga qukata leli zwi, kupela bona abakunikiweyo. 12 Ngokuba ku kona abatenwa, aba zalwa be njalo kwa sesiswini si ka nina: ku kona nabatenwa, aba tenwe abantu: ku kona nabatenwa, abazitenileyo ngenxa yombuso wezulu. O namandhla okuqukata loku, a ku qukate.

13 Kwa se ku letwa kuye abantwana, ukuba a beke izandhla pezu kwabo, a tandaze: kepa abafundi bake ba ba kuza. 14 Kepa uJesu wa ti, Vumelani abantwana, ni nga ba nqabeli, ukuza kimi: ngokuba umbuso wezulu u ngowabanjalo. 15 Wa s'e beka izandhla pezu kwabo, w'emuka lapo.

16 Bheka, kwa fika kuye otile e ti, Mfundisi, ngi ng'enza ntoni elungileyo, ukuba ngi be nokupila okumiyo njalo na? 17 Wa ti kuye, U ngi buzelani ngokulungileyo na? Ku kona munye olungileyo: kepa uma u tanda ukungena ekupileni, gcina imiyalo. 18 Wa ti kuye, Imipi na? Wa ti uJesu, Yile e ti, U nga bulali, U nga pingi, U ng'ebi, U nga fakazi okwamanga, 19 Hlonipa uyihlo nonyoko; Wo tanda umakelwane wako njengokuzitanda kwako. 20 Insizwa ya ti kuye, Konke loku ngi ku londile: ngi sa silele nga ntoni na? 21 UJesu wa ti kuye, Uma u tanda ukupelela, hamba, u tengise nga loko o nako, u pe abampofu, wo ba nengcebo ezulwini:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ingozi yengcebo. Ukuholelwa kwezisebenzi. Izikundhla.

u ze pela u ngi landele. 22 Ya ti ukuzwa lelo zwi insizwa, y'emuka i dabukile; ngokuba ya i nemfuyo eningi.

23 Wa ti ke uJesu ku bafundi bake, Ngi qinisile ngi ti kini, Ku lukuni kocebileyo ukungena embusweni wezulu. 24 Futi ngi ti kini, Ku lula ukuba ikameli li ngene entunjeni yosungulo, kunokuba ocebileyo a ngene embusweni ka Nkulunkulu. 25 Se be zwile loku abafundi, ba shaqeka kakulu, be ti, Po ku nga sindiswa bani na? 26 UJesu e ba bheka wa ti kubo, Ku bantu loku a ku na kwenzeka; kodwa ku Nkulunkulu ku ng'enzeka konke. 27 Kwa se ku pendula uPetro wa ti kuye, Bheka, tina si shiye konke, sa ku landela; po so ba na ntoni na? 28 UJesu wa ti kubo, Ngi qinisile ngi ti kini, nina eningilandeleyo, ngokupinda ukuzalwa lapo iNdodana yomuntu se i hlezi esihlalweni sobukosi bayo, nani ni ya kuhlala ezihlalweni ezi ishumi nambili, n'ahlulele izizwe ezi ishumi nambili za kwa Israeli. 29 Naye wonke o shiye izindhlu, nabafo wabo, na odade wabo, noyise, nonina, nabantwana, namazwe ngenxa yegama lami, u ya kwamkeliswa ka likulu, a ku dhl'ubufa ukupila okumiyo njalo. 30 Kepa abaningi bo ba abokugcina aba ngabokuqala; ba be abokuqala aba ngabokugcina.

20 Ngokuba umbuso wezulu u fana nomuntu o ngumninindhlu, owa puma ekuseni kakulu ukuqasha izisebenzi zokuya esivinini sake. 2 E se vumelene nezisebenzi ngosheleni ngosuku, wa zi tumela esivinini sake. 3 Wa puma na ngehora lesitatu, wa bona abanye be mi endaweni yokubutana be zululeka, 4 wa ti na ku bona, Hambani nani ni ye esivinini, ngo ni nika belu okufaneleyo. Ba yake. 5 Wa buya wa puma ngehora lesitupa nelesishiyangalolunye, w'enza ngokunjalo. 6 Wa puma na ngehora leshumi nanye, wa fumana abanye be mi; wa ti kubo, Ni meleni lapa usuku lonke ni zululeka? 7 Ba ti kuye, Yingoba a kako osiqashileyo. Wa ti kubo, Hambani nani ni ye esivinini. 8 Ku te ke se ku hlwa, umninisivini wa ti encekwini yake, Biza izisebenzi, u zi kokele imali yazo u qale kwabokugcina u ye kwabokuqala. 9 Kwa t'uba ku fike abehora leshumi nanye, kwa ba ilowo w'amkela usheleni. 10 Lapo se be fika abokuqala, ba ti ba za kutola oku ngapezulu; kepa nabo ba tola kwa ba ilowo usheleni. 11 Kwa t'uba ba m tole, ba konona ngomninindhlu, 12 be ti, Laba bokugcina ba sebenze ihora linye nje, u ba linganise nati, esi twale ubunzima nesamvu semini. 13 Wa pendulake wa ti komunye wabo, Mngane, a ngi k'oni nga luto: a u vumelananga nami ngosheleni na? 14 Tabata okwako, u hambe; ngi ya tanda ukunika lo wokugcina njengawe. 15 A ku vumekile yini ukuba ng'enze engikutandayo ngoku ngokwami na? kumbe iso lako libi, ngokuba ngi lungile na? 16 Njaloke abokugcina ba ya kuba abokuqala, nabokuqala ba be abokugcina.

17 Kwa ti ke uJesu e se za kwenyukela eJerusalem, wa tabata abafundi aba ishumi nambili ba ba bodwa, wa ti kubo endhleleni, 18 Bhekani, s'enyukela eJerusalem, iNdodana yomuntu i ya kukashelwa ku bapristi abakulu nababhali; ba ya kuyilahla ukuba i fe, 19 ba yi kapele kwabezizwe ukuba ku dhlalwe ngayo, i baxabulwe, i betelwe: ngosuku lwesitatu ke i ya kuvuswa.

20 Kwa se ku fika kuye unina wamadodana ka Zebedi kanye namadodana ake; e kuleka kuye, e cela into kuye. 21 Wa ti kuye, U funani na? Wa ti kuye, Yisho ukuba lawa madodana ami amabili a hlale, enye ngakwesokunene sako, nenye ngakwesokohlo sako embusweni wako. 22 Kepa uJesu wa pendula wa ti, A ni kwazi enikucelayo. Ni nga puza indebe engi za kuyipuza na? Ba ti kuye, Si nga kwenza. 23 Wa s'e ti kubo, Nempelake ni ya kupuza indebe yami: kepa ukuhlala ngakwesokunene, na ngakwesokohlo sami, a siko okwami ukupa ngako; ku ngokwa labo aba ku lungiselwe uBaba. 24 Ba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ti ukuzwa loko aba ishumi, ba casuka nga lezo zelamane ezibili. 25 Kepa uJesu wa ba biza, wa ti, Ni y'azi ukuba ababusi bezizwe ba z'enza amakosi pezu kwazo, nabakulu ba namandhla pezu kwazo. 26 A ku yi kuba njalo pakati kwenu: kepa o funa ukuba mkulu pakati kwenu, ka be isikonzi senu; 27 n'o funa ukuba owokuqala pakati kwenu, ka be isigqili senu: 28 njengoba iNdodana yomuntu a i zanga ukukonzwa, i ze ukukonza, nokunika ukupila kwayo ku be okokuhlenga abaningi.

29 Se be puma eJeriko, wa landelwa isixuku esikulu. 30 Nazoke, izimpumpute ezimbili zi hlezi endhleleni, za ti ukuzwa ukuti uJesu u ya dhlula, za dazuluka za ti, Si haukele, Nkosi, Ndodana ka Davida. 31 Isixuku ke sa zi kuza, ukuba zi tule: kepa kwa ikona zi dazuluka kakulu, zi ti, Si haukele, Nkosi, Ndodana ka Davida. 32 W'emake uJesu, wa zi biza, wa ti, Ni funa ukuba ngi n'enzele ntoni na? 33 Za ti kuye, Nkosi, ukuba ku vulwe amehlo etu. 34 UJesu ke wa ba nesihe wa namata amehlo azo; za se zi bona masinyane, za m landela.

21 Ba t'uba ba sondele eJerusalem, se be fikile eBetefage, entabeni yemiNqumo, uJesu wa tuma abafundi ababili, 2 wa ti kubo, Yanini emzaneni o bhekene nani, ni ya kufumana masinyane imbongolo, i kulekiwe, i netole: ku tukululeni, ni ku lete kimi. 3 Uma ku kona o sho uto kini, ni ya kuti, INkosi i ya ku dinga; wo ti ke a ku tumele masinya. 4 Loku konke kw'enzeka, ukuba ku gcwaliseke okwa kulunywa ngomprofeti, ukuti,

5 Yishoni kuyo indodakazi ya seZion
ukuti,
Bheka iNkosi yako i za kuwe,
I tobile, i kwele imbongolo,
Netole inkonyana yembongolo.

6 Abafundi ba hamba, b'enza njeng'a ba misela kona uJesu, 7 ba leta imbongolo, netole, ba beka izingubo zabo pezu kwazo; wa hlala pezu kwazo. 8 Iningi lesixuku l'endhlala izingubo zalo endhleleni; abanye ba gaula amagatsha emiti, ba w'endhlala endhleleni. 9 Izixuku eza zi hamba ngapambili, neza zi landela, za memeza, za ti, Hosana kuyo iNdodana ka Davida: A ku bongwe ozayo egameni leNkosi; Hosana kwelipezulu. 10 Kwa t'uba a ngene eJerusalem, umuzi wonke wa nyakaza, wa ti, Ngubani lo? 11 Za ti izixuku, Lo u ngumprofeti uJesu, o vela eNazareta la seGalile.

12 Wa s'e ngena uJesu etempelini li ka Nkulunkulu, wa kipa bonke abatengisayo nabatengayo etempelini, wa gumbuqela amatafula aba tshintshisa imali, nezihlalo zaba tengisa ngamajuba; 13 wa ti kubo, Ku lotshiwe ukuti, Indhlu yami i ya kutiwa indhlu yokutandaza: kepa nina ni y'enza umhume wezigcwelegcwele. 14 Kwa s'e ku fika kuye izimpumpute nezinyonga etempelini; wa zi pilisa. 15 Kwa t'uba abapristi abakulu nababhali ba bone imimangaliso ayenzayo, nabantwana be memeza etempelini, be ti, Hosana kuyo iNdodana ka Davida; ba casuka, 16 ba ti kuye, U ya ku zwa loku abakushoyo laba na? UJesu wa ti kubo, Yebo: a ni zanga ni funde yini ukuti, Emlonyeni wezingane nowabancelayo u pelelisile indumiso? 17 Wa s'e ba shiya, wa puma emzini wa ya eBetani, wa lala kona.

18 Kusasa e se buyela emzini, wa lamba. 19 Wa bona umkiwane nga sendhleleni, wa ya kuwo, a ka fumananga luto kuwo, kupela amaqabunga; wa s'e ti kuwo, A ku nga be ku sa vela sitelo kuwe na nini. Wa se u buna konalapo umkiwane. 20 Ba ti ukubona loko abafundi, ba mangala, ba ti, Au, umkiwane u su bune kwanini? 21 Wa pendulake uJesu wa ti kubo, Ngi qinisile ngi ti kini, Uma ni nokukolwa, ni nga ngabazi, a ni yi kwenza loko komkiwane kodwa, kepa na nxa ni ti ku le ntaba, Nqukuleka u ponseke elwandhle, ku za kwenzeka. 22 Konke eni ya kukucela ekutandazeni, ni kolwa, ni ya kwamkeliswa.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umfanekiso wamadodana. Owabalimi. Owesimemo.

23 Se e ngene etempelini, abapristi abakulu namalunga abantu b'eza kuye e sa fundisa, ba ti, Lezi zinto u z'enza ngamapi amandhla na? ubani o ku nike lawa mandhla na? **24** Wa pendula uJesu wa ti kubo, Nami ngi za kunibuza izwi li be linye oku ya kuti uma ni ngi tshela lona, nami ngi ya kunitshela amandhla eng'enza ngawo lezi zinto. **25** Ubapatizo lu ka Johane, lwa velapi na? ezulwini noma ku bantu na? Ba zindhlisana bodwa, ba ti, Uma si ti, Ezulwini; u za kuti kitina, Po a ni kolwanga uye ngani? **26** Kepa uma si ti, Ku bantu; O, si y'esaba isixuku; ngokuba ba ti bonke, uJohane u ngumprofeti. **27** Ba m pendulake uJesu, ba ti, A s'azi. Naye futi wa ti kubo, Namike a ngi ni tsheli amandhla eng'enza ngawo lezi zinto. **28** Kepa ni tini na? Umuntu wa e namadodana amabili; wa ya kweyokuqala, wa ti, Mntanami, hamba u yo sebenza namhla esivinini. **29** Ya pendula ya ti, A ngi yi: kepa ngasemva ya zisola, ya ya. **30** Wa ya na kweyesibili, wa sho ngokunjalo. Ya pendula ya ti, Ngi ya ya, nkosi: kepa ka ya ya. **31** Konje u mupi ku labo ababili ow'enza intando ka yise na? Ba ti kuye, Owokuqala. Wa s'e ti kubo uJesu, Ngi qinisile ngi ti kini, abatelisi nezifebe ba ya n'andulela ukungena embusweni ka Nkulunkulu. **32** Ngokuba uJohane w'eza kini ngendhlela yokulunga, a ni kolwanga uye; kepa abatelisi nezifebe ba kolwa uye: kodwa nina, se ni bonile, a na zisola na ngasemva, ukuba ni kolwe uye.

33 Yizwani omunye umfanekiso: Kwa ku kona umuntu, umninindhlu, owa tshala isivini, wa si biyela ngotango, w'emba isikamo sevini kuso, w'aka umboshongo, wa qashisa ngaso ku balimi, wa hamba wa ya kwelinye izwe. **34** Kwa ti se ku sondele inkati yezitelo, wa tuma izigqili zake ku balimi, ukuyotata izitelo zake. **35** Ba suka abalimi ba tata izigqili zake, ba shaya esinye, ba bulala esinye, ba kanda esinye ngamatshe. **36** Wa buya wa tuma ezinye izigqili eziningi kunezokuqala: b'enze njalo na ku zona. **37** Ngasemvake wa tuma kubo indodana yake, wa ti, Ba ya kuyihlonipa indodana yami. **38** Kepake abalimi ba t'ukubona indodana, ba kuluma bodwa ba ti, Yindhlalifa le; zanini, si yi bulale, si dhle ifa layo. **39** Ba se be yi tata, ba yi kipela ngapandhle kwesivini, ba yi bulala. **40** Poke mhla ku fika umninisivini, u ya kwenzani ku labo balimi na? **41** Ba ti kuye, U ya kububisa kabi labo ababi, a qashise isivini ku balimi abanye, aba ya kumnika izitelo ngenkati yazo. **42** UJesu wa ti kubo, A ni zanga ni funde yini emibhalweni ukuti,

Itshe abalinqabayo abaki,
Ilona e se la ba inhloko yegumbi;
Loku kwa vela eNkosini,
Ku ummangaliso emehlweni etu?

43 Ngalokoke ngi ti kini, Ni ya kwamukwa umbuso ka Nkulunkulu, u nikwe isizwe esi veza izitelo zawo. **44** Owayo ke pezu kwa leli tshe wo pahlazwa: kodwa lowo eli wa pezu kwake, lo m colisa a sakazeke. **45** Ba ti abapristi abakulu nabaFarisi ukuzwa imifanekiso yake, b'azi ukuba u kuluma ngabo. **46** Se be funa ukumbamba, b'esaba izixuku, ngokuba zi ti u ngumprofeti.

22 UJesu wa pendula wa buya wa kuluma kubo ngemifanekiso, e ti, **2** Umbuso wezulu u faniswa nomuntu o inkosi, ow'enzela indodana yake idili lomtimba, **3** wa tuma izigqili zake ukubiza aba menyelwe edilini lomtimba: a ba ze ba vuma ukuza. **4** Wa buya wa tuma ezinye izigqili, wa ti, Ba tsheleni abamenyiweyo ukuti, Naku, se ngi lungisile isidhlo sami; izinkomo zami nemiqumane yami i hlatshiwe, konke se ku lungile: wozani edilini lomtimba. **5** Kepa ba ku debesela, ba zihambela, omunye wa ya ezweni lake, omunye entengweni yake; **6** abaseleyo ba bamba izigqili zake, ba zi pata kabi, ba zi bulala. **7** Kepa inkosi ya tukutela; ya kipa impi yayo, ya bubisa labo babulali, ya shisa umuzi wabo. **8** Ya se i ti ezigqilini zayo, Umtimba se

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

u lungile, kepa abamenyiweyo ba be nga fanele. 9 Ngakoke hambani ni ye ekwahlukaneni kwezindhlela, ni meme bonke enibafumanayo, b'eze edilini lomtimba. 10 Za pumake lezo zigqili za ya ezindhleleni, za buta bonke ezabafumanayo, ababi nabalungileyo: umtimba wa gcwala aba cambalala ekudhleni. 11 Kepa inkosi i ngenile ukubuka aba cambalele ekudhleni, ya bona kona umuntu o ng'ambete isambato somtimba: 12 ya se i ti kuye, Mngane, yini ukuba u ngene lapa u ng'ambete isambato somtimba na? A ka ti nda. 13 Ya se i ti inkosi ezigqilini, M bopeni izinyawo nezandhla, ni m kipele ebumnyameni obu ngapandhle; ko ba kona lapo ukukala nokugedhla amazinyo. 14 Ngoba baningi abamenyiweyo, kepa abaketiweyo ba ingcozana.

15 Ba se be hamba abaFarisi, b'enza isigungu sokuba ba m cupe ekukulumeni kwake. 16 Ba tumake kuye abafundi babo, kanye naba nga ku Herode, ba ti, Mfundisi, si y'azi ukuba u qinisile, u fundisa indhlela ka Nkulunkulu ngeqiniso, a u katali na ngobani: ngokuba a u naki ubuso babantu. 17 Ngakoke si tshele, u tini na? Ku vumekile ukutela ku Kesari nokuba a ku vumekile na? 18 Kepa uJesu azi ububi babo, wa ti, Ni ngi lingelani, nina bazenzisi? 19 Ngi boniseni uhlamvu lokutela. Ba letake kuye udenario. 20 Wa s'e ti kubo, Ngesi ka bani lesi sifanekiso nombhalo? 21 Ba ti kuye, Esi ka Kesari. Wa s'e ti kubo, Nikezanike uKesari oku ka Kesari; noNkulunkulu oku ka Nkulunkulu. 22 Ba ti ukuzwa loko, ba mangala, ba m shiya, b'emuka.

23 Nga lolo suku kwa fika kuye abaSadusi, aba ti a kuko ukuvuka kwabafileyo, ba m buza, 24 be ti, Mfundisi, uMoses wa ti, Uma umuntu e fa, e nge na bantwana, umfo wabo wo ngena umkake, a vusele umfo wabo inzalo. 25 Aike kwa ku kona kiti izelamane ezi isikombisa: owokuqala wa ganwa wa fa, e nge na nzalo wa shiya umkake ku mfo wabo; 26 w'enze njalo owesibili, nowesitatu, kwa za kwa ba kowesikombisa. 27 Emva kwabo bonke, wa fa nowesifazana. 28 Po, ekuvukeni wo ba umka bani kwaba isikombisa? loku bonke ba be naye. 29 Kepa uJesu wa pendula wa ti kubo, Ni y'eduka, ni ng'azi imibhalo, namandhla ka Nkulunkulu. 30 Ngokuba ekuvukeni a ba ganwa, a b'endiswa, ba njengezingelosi ezulwini. 31 Kepa ngokuvuka kwabafileyo, a ni fundanga yini okwa kulunywa kini nguNkulunkulu, e ti, 32 Ngi nguNkulunkulu ka Abraham, noNkulunkulu ka Isaka, noNkulunkulu ka Jakobe? UNkulunkulu a siye uNkulunkulu wabafileyo, u ngowabapilayo. 33 Za ti izixuku ukuzwa loku, za shaqeka ngokufundisa kwake.

34 Ba ti abaFarisi ukuzwa ukuba u ba vale umlomo abaSadusi, ba hlangana ndawonye. 35 Omunye wabo, ofundileyo emtetweni, wa m buza, e m linga, wa ti: 36 Mfundisi, u mupi umyalo omkulu emtetweni na? 37 Wa ti kuye, Wo tanda iNkosi uNkulunkulu wako ngenhliziyo yonke yako, na ngompefumulo wonke wako na ngengqondo yonke yako. 38 Yilo umyalo omkulu nowokuqala. 39 Nowesibili o fana nawo yilo, Wo tanda umakelwane wako njengokuzitanda kwako. 40 Ku le miyalo emibili ku lenga umteto wonke, nabaprofeti.

41 Se be butene abaFarisi, uJesu wa ba buza, 42 wa ti, Ni tini nina ngoKristu na? u yindodana ka bani na? Ba ti kuye, E ka Davida. 43 Wa ti kubo, Yini po ukuba uDavida a m bize ngoMoya ukuti iNkosi, e ti,
44 Ya ti iNkosi eNkosini yami,
Hlala ngakwesokunene sami,
Ngi ze ngi beke izita zako pansi kwezinyawo zako?
45 Po, uma uDavida e m biza ngokuti iNkosi, u yindodana yake kanjani na? 46 A ku bangako na munye o nga m pendula ngezwi, a kwa be ku sa bako muntu futi owa ba nesibindi sokumbuza uto ku sukela ku lolo suku.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukudalulwa kwobufarisi nokukuzwa kwabo.

23 UJesu wa s'e kuluma ezixukwini na ku bafundi bake, 2 wa ti, Ababhali nabaFarisi ba hlezi esihlalweni si ka Moses: 3 ngakoke konke abakushoyo kini, kwenzeni ni ku gcine: kodwa ni ng'enzi ngokwemisebenzi yabo; ngokuba ba ya sho nje, ba ng'enzi. 4 Yebo, ba bopa imitwalo enzima n'e twaleka kalukuni, ba yi beka emahlombe abantu; kanti bona a ba vumi ukuyiti siki na ngomunwe wabo. 5 Kepa imisebenzi yonke yabo ba y'enzela ukuba ba bonwe abantu: b'enza a be banzi amafilakterio abo, b'enza i be mikulu imipeto yezingubo zabo, 6 ba tanda izindawo ezi pambili ezidhlweni, nezihlalo ezi pambili emasinagogeni, 7 nokubingelelwa ezindaweni zokubutana, nokubizwa abantu ngokuti, Rabi, 8 Kodwa nina ma ni nga bizwa ngokuti Rabi: ngokuba munye umfundisi wenu, nina nonke ni izelamane. 9 Ni nga bizi muntu emhlabeni ngokuti uyihlo: ngokuba munye o nguyihlo wenu, o sezulwini. 10 Ni nga bizwa ngokuti abapati: ngokuba munye umpati wenu, uKristu. 11 Omkulu kini a ka be isikonzi senu. 12 Njaloke o ya kuzipakamisa u ya kutotshwa; n'o ya kuzitoba u ya kupakanyiswa.

13 Maye nina, babhali nabaFarisi, bazenzisi! ngokuba ni valela abantu umbuso wezulu: ngoba a ni ngeni nina, nabangenayo a ni ba vumeli ukuba ba ngene.*

15 Maye nina, babhali nabaFarisi, bazenzisi, ngokuba ni shanguza ulwandhle nomhlaba ukuba n'enze nakuba e munye nje a be ikolwa la kini; a ti ukuba a be ilo, ni m enza a be umntwana wegehena kabili kunani.

16 Maye nina, baholi aba izimpumpute! aba ti, O funga itempeli, a ku luto loko; kodwa o funga igolide letempeli, u necala lokukoka. 17 Ziula, zimpumpute: yikupi okukulu, igolide, nokuba itempeli eli ngcwelisa igolide na? 18 Ni ti, O funga ilati, a ku luto loko; kodwa o funga umnikelo o pezu kwalo, u necala lokukoka. 19 Zimpumpute: yikupi okukulu, umnikelo, nokuba ilati eli ngcwelisa umnikelo na? 20 Ngakoke o funga ilati, u funga lona, nako konke oku pezu kwalo. 21 N'o funga itempeli, u funga lona, n'o hlala kulo. 22 N'o funga izulu, u funga isihlalo sobukosi si ka Nkulunkulu, n'o hlala kuso.

23 Maye nina, babhali nabaFarisi, bazenzisi! ngokuba ni nikela ngokweshumi ngeminte neanise nekumine, ni yekile okunzima kwomteto, ukuti, ukwahlulela, nesihau, nokukolwa: kepa nga ni kwenzile loku ni nga yekanga na loko. 24 Baholi aba izimpumpute, aba hluza insensane, ba gwinye ikameli!

25 Maye nina, babhali nabaFarisi, bazenzisi! ngokuba ni hlambulula ingapandhle lendebe nesitsha kodwa ngapakati zi gcwele impango nokuhuheka. 26 MFarisi o impumpute, qala u hlambulule ingapakati lendebe nesitsha, ikona ingapandhle laso li ya kuhlambululeka nalo.

27 Maye nina, babhali nabaFarisi, bazenzisi! ngokuba ni fana namaliba acakiweyo, a bonakala e mahle ngapandhle, kodwa ngapakati a gcwele amatambo abafileyo, nokungcola konke. 28 Ku njalo nani ngapandhle ni bonakala ku bantu ni lungile, kodwa ngapakati ni gcwele ukuzenzisa nobubi.

29 Maye nina, babhali nabaFarisi, bazenzisi! ngokuba n'aka amaliba abaprofeti, ni vunulisa amatuna abalungileyo, 30 ni ti, Uma sa be si kona emihleni ya obaba, sa si nga yi kuhlanganyela nabo egazini labaprofeti. 31 Ngakoke ni zifakazela nina, ukuba ni ngamadodana aba bulala abaprofeti. 32 Gcwalisani pela isilinganiso sa oyihlo. 33 Zinyokandini nzalo yamabululu, ni nga balekela kanjani ukulahlwa egehena na? 34 Ngalokoke, bhekani, ngi tuma kini abaprofeti, nabahlakanipileyo, nababhali: abanye babo ni ya kubabulala ni ba betele; nabanye ni ya kubabaxabula emasinagogeni enu, ni ba zi-

* Leli verse 14 se li yekwa ngoba li ngeko ezincwadini ezindala zesiGreki. Bheka ku Mk. 12. 40: Luke 20. 47.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U kalela iJerusalem. Izibonakaliso zokufika kwake.

ngele imizi ngemizi: 35 ukuze ku fike pezu kwenu igazi lonke elilungileyo ela palazwa emhlabeni, ku suka egazini li ka Abeli olungileyo ku ze ku be segazini li ka Zakariya ka Barakiya, ena m bulala emkatini wendhlu engcwele nelati. 36 Ngi qinisile ngi ti kini, Konke loku ku ya kwehlela lesi sizukulwane.

37 Au, Jerusalem, Jerusalem, o bulala abaprofeti, u kande ngamatshe aba tunyelwe kuwe! nga ngi tanda kangapi ukubutela ndawonye abantwana bako, njengesikukukazi si butela amazinyane aso pansi kwamapiko aso, a ni vumanga! 38 Bhekani, indhlu yenu ni yi shiyelwe i incitakalo. 39 Ngoba ngi ti kini, A ni sa yi kungibona, ni ze ni ti, U busisiwe ozayo egameni leNkosi.

24 UJesu wa puma etempelini, e sa ti u ya hamba; abafundi bake b'eza kuye ukumbonisa izakiwo zetempeli. 2 Wa pendulake wa ti kubo, Angiti ni ya kubona konke loku na? ngi qinisile ngi ti kini, A ku yi kushiywa lapa itshe pezu kwetshe, eli nga yi kuwiswa pansi.

3 E sa hlezi entabeni yemiNqumo, abafundi b'eza kuye be bodwa, ba ti, Si tshele, loku ko ba nini na? isibonakaliso sokuza kwako, nesokupela kwezwe so ba yini na? 4 Wa pendulake uJesu wa ti kubo, Qapelani ni ng'edukiswa muntu. 5 Ngokuba ku ya kuza abaningi egameni lami, be ti, Ngi nguKristu; b'eduse abaningi. 6 Ni ya kuzwa izimpi namahemuhemu ezimpi; bhekani ni nga bi na vuso: ngokuba ku melwe ukuba kwenzeke lezi zinto; kodwa ukupela ko be ku nga ka biko. 7 Ngoba isizwe si ya kuvukela isizwe, nombuso u vukele umbuso; ku ya kuba kona indhlala nokuzamazama kwomhlaba izindawo ngezindawo. 8 Lezi zinto zonke zi ukuqala kwenimba. 9 Konake ni ya kukashelwa ekukatazweni, ni bulawe: ni ya kuzondwa izizwe zonke ngegama lami. 10 Konake abaningi ba ya kukubeka, ba kapelane, ba zondane. 11 Ku za kuvela abaprofeti bamanga abaningi, b'eduse abaningi. 12 Ngokwandiswa kwokubi ku za kupola utando lwabaningi. 13 Kodwa okutazelayo ku ze ku be sekupeleni, uyena o ya kusindiswa. 14 Ku ya kushunyayelwa leli vangeli lombuso kulo lonke elakiweyo li be ubufakazi kuzo zonke izizwe; kwandu kufika ukupela.

15 Ko ti ke nxa ni bona amanyala encitakaliso, okwa kulunywa ngawo ngoDaniyeli umprofeti, e mi endaweni engcwele (ofundayo a ka qonde), 16 konake aba seJudiya ma ba baleḳele ezintabeni: 17 o pezu kwendhlu a ng'ehli ukutabata oku sendhlini yake: 18 n'o sensimini a nga buyeli emva ukuyotata ingubo yake. 19 Kepa maye bona abakulelweyo nabancelisayo nga lezo zinsuku! 20 Tandazani ukuba ukubaleka kwenu ku nga bi sebusika, na ngesabata: 21 ngokuba ko ba ku kona ukukatazeka okukulu, oku nga zange ku be kona kwa sekuqaleni kwezwe ku ze ku be manje, qa, a ku soze kwa ba kona. 22 Uma lezo zinsuku zi nga finyezwanga, be ku nge sindiswe na munye wenyama yonke: kepa ngenxa yabaketiweyo lezo zinsuku zi ya kufinyezwa. 23 Konake uma umuntu e ti kini, Bhekani, nangu uKristu, nokuti nanguya; ni nga kolwa. 24 Ngokuba ku ya kuvela oKristu bamanga, nabaprofeti bamanga, ba veze izibonakaliso ezikulu nezimangaliso; ngangoba kweduswe nabaketiweyo, uma ku ng'enzeka. 25 Bhekani, se ngi ni tshelile ngapambili. 26 Ngakoke uma be ti kini, Nangu, u sehlane; ni nga pumi: nokuti nanguya u sekamelweni; ni nga kolwa. 27 Ngokuba njengonyazi lu puma empumalanga, lu bonakale na sentshonalanga; ko ba njalo ukufika kweNdodana yomuntu. 28 Lapa ku kona isidumbu, amanqe a za kubutana kona.

29 Kepa masinyane emva kwokuhlupeka kwa lezo zinsuku ilanga li ya kuba mnyama, nenyanga i nga vezi ukukanya kwayo, nezinkanyezi zi we ezulwini, namandhla a semazulwini a ya kunyakaziswa: 30 be se ku

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

bonakala ezulwini isibonakaliso seNdodana yomuntu: be se zi mbongoza izizwe zonke zomhlaba, zi bone iNdodana yomuntu i za ngamafu ezulu i namandhla nobukosi obukulu. **31** I ya kutuma izingelosi zayo zi necilongo elikalayo kakulu, zi bute abaketiweyo bayo be vela emimoyeni emine, ku suka emajukujukwini ezulu ku ze ku be semajukujukwini alo.

32 Emkiwaneni a no funda umfanekiso wawo: uma igatsha lawo se li tambile, li hluma amaqabunga, ni y'azi ukuti ihlobo li seduze; **33** kunjaloke nani, nxa ni bona lezizinto zonke, yazini ukuti i seduze, i semnyango. **34** Ngi qinisile ngi ti kini, Lesi sizukulwane a si yi kudhlula, ku nga k'enzeki loku konke. **35** Ku ya kudhlula izulu nomhlaba, kodwa amazwi ami a ka yi kudhlula. **36** Kepa lolo lusuku na leso sikati a kako okwaziyo, nezingelosi za sezulwini neNdodana, uBaba kupela. **37** Njengokuba za zi njalo izinsuku zi ka Noa, ko ba njalo ukufika kweNdodana yomuntu. **38** Ngokuba njenga sezinsukwini lezo ku nga ka biko uzamcolo ba be iloku be dhla be puza, be ganwa b'endiswa, kwa za kwa fika usuku uNoa a ngena ngalo emkunjini, **39** a b'azanga kwa za kwa fika uzamcolo, wa ba kukula bonke; ko ba njalo ukufika kweNdodana yomuntu. **40** Konake ku ya kuba kona ababili ensimini; omunye a tatshatwe, omunye a shiywe: **41** abesifazana ababili bo ba be sila etsheni; omunye a tatshatwe, omunye a shiywe. **42** Ngakoke lindani; ngokuba ni nga lwazi usuku iNkosi yenu e ya kufika ngalo. **43** Kepa yazini loku, ukuti uma umninindhlu e be w'azi umlindo isela eli zo fika ngawo, u be ya kulinda, a nga vumi ukuba indhlu yake i gejulwe. **44** Nga lokoke yibani ni lungile; ngokuba iNdodana yomuntu i ya kufika ngesikati eningasicabangiyo.

45 Po ngubani inceku etembekayo nehlakanipileyo, inkosi yayo e yi misile pezu kwabendhlu yayo, ukuba i ba nike ukudhla ngesikati sako? **46** I busisiwe leyo nceku, enkosi yayo i yo ti i fika i yi fumane yenze njalo. **47** Ngi qinisile ngi ti kini, i ya kuyimisa pezu kwako konke e nako. **48** Kodwa uma leyo nceku embi i ti enhliziyweni yayo, Inkosi yami i ya libala; **49** i qale ukushaya izinceku ezi kanye nayo, i dhle i puze kanye nezidakwa; **50** inkosi ya leyo nceku i ya kufika ngosuku e nga yi bhekile ngalo, na ngesikati engasaziyo, **51** i yi nqamule kabili, i yi misele isabelo sayo kanye nabazenzisi; ko ba kona lapo ukukala nokugedhla amazinyo.

25 Konake umbuso wezulu wo faniswa nezintombi ezi ishumi, eza tabata izibani zazo, za puma zi ya kuhlangabeza umyeni. **2** Ezi isihlanu kuzo za zi iziula, nezi isihlanu za zi hlakanipile. **3** Ngoba ezi iziula, lapo zi tabata izibani zazo, a zi patanga amafuta: **4** kodwa ezihlakanipileyo za tata amafuta ezitsheni zazo kanye nezibani zazo. **5** Umyeni e sa libeleke, z'ozela zonke za lala. **6** Kepa pakati kwobusuku kwa menyezwa ku tiwa, Nangu umyeni! Pumani ni ye kumhlangabeza. **7** Za se zi vukake lezo zintombi zonke, za lungisa izibani zazo. **8** Ezi iziula za ti kwezihlakanipileyo, Si peni amafuta kweni nawo; ngoba zi ya cima izibani zetu. **9** Kepa ezihlakanipileyo za pendula, za ti, Ai, funa a ng'aneli tina nani: hambani pela ni ye kwabatengisayo, ni zitengele. **10** Ku te ke zi sa ye kotenga, kwa fika umyeni; eza se zi lungele za ngena naye edilini lomtimba: wa valwa umnyango. **11** Nga semvake za fika ezinye izintombi, za ti, Nkosi, Nkosi, si vulele. **12** Wa pendulake wa ti, Ngi qinisile ngi ti kini, a ngi n'azi. **13** Ngakoke lindani, ngokuba a ni lwazi usuku nesikati.

14 Ngokuba ku njengomuntu, owa ti e se ya kwelinye izwe, wa biza izinceku zake, wa zi nika impahla yake. **15** Enye wa yi nika amatalenta a isihlanu, enye a ba mabili, enye la ba linye; ileyo njengamandhla ayo; w'emukake. **16** Wa hambake masinyane lowo ow'amkela amatalenta a isihlanu wa ya wa sebenza ngawo, w'enza ama-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amatalenta. Ukwahlulelwa.

nye amatalenta a isihlanu. 17 Kwa ba njaloke now'amkela amabili wa zuza amanye amabili. 18 Kepa ow'amkela la ba linye wa ya w'emba emhlabatini, wa fihla imali yenkosi yake. 19 Emva kwesikati eside ya fika inkosi ya lezo zinceku, ya baliselana nazo. 20 Kw'ezake ow'amkela amatalenta a isihlanu wa leta amanye amatalenta a isihlanu, wa ti, Nkosi, wa ngi nika amatalenta a isihlanu: naku, ngi zuze amanye amatalenta a isihlanu. 21 Inkosi yake ya ti kuye, Kuhle, nceku elungileyo netembekayo: wetembeke pezu kwezinto ezi ingcozana, ngi za kukumisa pezu kwezinto eziningi; ngena ekutokozeni kwenkosi yako. 22 Kw'eza nowamatalenta amabili wa ti, Nkosi, wa ngi nika amatalenta amabili: naku, ngi zuze amanye amatalenta amabili. 23 Inkosi yake ya ti kuye, Kuhle, nceku elungileyo netembekayo: wetembeke pezu kwezinto ezi ingcozana, ngi za kukumisa pezu kwezinto eziningi; ngena ekutokozeni kwenkosi yako. 24 Kwa se ku za now'amkela italenta la ba linye wa ti, Nkosi, be ngi kwazi wena ukuba u ngumuntu o lukuni, u vuna lapa u nga hlwanyelanga kona, u buta lapa u ng'elelanga kona; 25 ng'esaba, nga ya nga fihla italenta lako emhlabatini: naku, u su nokwako. 26 Kepa inkosi yake ya pendula ya ti kuye, Nceku embi nenqenayo, u bu kwazi ukuba ngi vuna lapa ngi nga hlwanyelanga kona, ngi buta lapa ngi ng'elelanga kona; 27 ngakoke u bu melwe ukubeka imali yami kwabebanke, be ku ya kuti ke ekufikeni kwami ngi tole okwami kanye nenzalo. 28 Ngakoke m'amukeni italenta, ni li nike o namatalenta a ishumi. 29 Ngokuba wonke o nako u ya kupiwa, a vame: kepa o nge nako, u ya kwamukwa na loko a nako. 30 Le nceku ke engasiziyo yi ponseni ebumnyameni obu ngapandhle: ko ba kona lapo ukukala nokugedhla amazinyo.

31 Kepa nxa i si fika iNdodana yomuntu i nobukosi bayo, nezingelosi zonke kanye nayo, ko ti i hlale esihlalweni sobukosi bayo: 32 ku butelwe pambi kwayo izizwe zonke: i b'ahlukanise abanye kwabanye, njengomalusi o wahlukanisa izimvu nezimbuzi; 33 i beke izimvu ngakwesokunene sayo, izimbuzi ngakwesokohlo. 34 I bi si ti iNkosi kwaba ngakwesokunene sayo, Zanini, nina eni busisiwe uBaba, ni wu dhl'ubufa umbuso eniwulungiselweyo iloku kwa sekelwa umhlaba: 35 ngokuba nga ngi lambile, na ngi pa ukudhla; nga ng'omile, na ngi puzisa; nga ngi umfo, na ngi ngenisa; 36 nga ngi hambaze, na ng'ambatisa; nga ngi gula, na ngi hamba; nga ngi setilongweni, n'eza kimi. 37 Be se be yi pendula abalungileyo, ba ti, Nkosi, sa ku bona nini u lambile, sa k'ondhla na? noma womile, sa ku puzisa na? 38 Sa ku bona nini u ngumfo, sa ku ngenisa na? noma u hambaze, sa kwambatisa na? 39 Sa ku bona nini u gula, noma u setilongweni, s'eza kuwe na? 40 I ya kupendula iNkosi i ti kubo, Ngi qinisile ngi ti kini, Loku na kwenza komunye wa laba abafo wetu, laba abancinyane, na kwenza kimina. 41 I bi si ti na kwaba ngakwesokohlo, Sukani kimi, nina baqalekisiweyo, ni ye emlilweni omiyo njalo o lungiselwe umhlebi nezingelosi zake: 42 ngokuba nga ngi lambile, a ni ngi panga ukudhla; nga ng'omile, a ni ngi puzisanga; 43 nga ngi umfo, a ni ngi ngenisanga; nga ngi hambaze, a ni ng'ambatisanga; ngi gula, ngi setilongweni, a ni ngi hambanga. 44 Be se be pendula nabo, be ti, Nkosi, sa ku bona nini u lambile, noma womile, noma u ngumfo, noma u hambaze, noma u gula, noma u setilongweni, ka sa ku konza na? 45 I bi si ba pendula, i ti, Ngi qinisile ngi ti kini, Loku ni nga kwenzanga komunye wa laba abancinyane, a ni kwenzanga kimina. 46 Laba ba ya kumuka ba ye ekushayweni okumiyo njalo: kodwa abalungileyo ba ya kungena ekupileni okumiyo njalo.

26 Kwa ti, uJesu e se qedile onke la mazwi, wa ti ku bafundi bake, 2 Ni y'azi ukuba emva kwezinsu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ku ezimbili ku zo ba kona ipasika, iNdodana yomuntu i ya kukashelwa ukuba i betelwe. 3 Kwa se ku butana abapristi abakulu, namalunga abantu, egcekeni lendhlu yompristi omkulu, o tiwa uKayafa; 4 b'enza isigungu ukuba ba bambe uJesu ngobuqili, ba m bulale. 5 Kepa ba ti, Ma ku nga bi emkosini, funa ku be kona ukuxokozela pakati kwabantu.

6 UJesu e seBetani, endhlini ka Simon owa e nocoko, 7 kw'eza kuye owesifazana e nomfuma wealabaste wamafuta a nenani elikulu, wa m tela ngawo ekanda, e se cambalele ekudhleni. 8 Ba ti ukubona loku abafundi, ba casuka, ba ti, Obwani lobu buciticiti? 9 Ngokuba lawa mafuta a be ngá tengiswa ngokukulu, ku piwe abampofu. 10 Kepa uJesu e kwazi loku wa ti kubo, Ni m xobiselani lo wesifazana? ngoba u sebenze umsebenzi omuhle kimina. 11 Ngokuba abampofu ni loku ni nabo njalo; kepa mina a ni nami njalo. 12 Loku e telile lawa mafuta emzimbeni wami, u kwenzele ukumbelwa kwami. 13 Ngi qinisile ngi ti kini, Lapo leli vangeli li za kushunyayelwa kona emhlabeni wonke, ku za kukulunywa na loku akwenzileyo lo wesifazana ku be isikumbuzo ngaye.

14 Kwa se ku suka omunye waba ishumi nambili, o tiwa uJudas Iskariyoti, wa ya ku bapristi abakulu, 15 wa ti, Ni ya kunginikani ngi m kapele kini na? Ba m linganisela izinhlamvu zesiliva'ezi ngamashumi amatatu. 16 Ku sukela ku leso sikati wa funa ituba lokuba a m kapele.

17 Ngosuku lokuqalake lwesinkwa esi nge na mvubelo abafundi b'eza ku Jesu, ba ti, U tanda ukuba si ku lungiselepi ukuba u dhle ipasika? 18 Wa ti ke, Hambani ni ye emzini ku sibanibani, ni ti kuye, UMfundisi u ti, Isikati sami si seduze; ngi ya kwenza ipasika kwako nabafundi bami. 19 B'enzake abafundi njeng'a ba yaleza ngako uJesu; ba lungisa ipasika.

20 Kwa ti ku hlwa, wa e cambalele nabafundi aba ishumi nambili ekudhleni; 21 be sa dhla, wa ti, Ngi qinisile ngi ti kini, omunye wenu u ya kungikapela. 22 Ba dabuka kakulu, ba qala ukuti kuye ilowo na lowo, Imina, Nkosi na? 23 Wa pendulake wa ti, O fake isandhla kanye nami esitsheni, uyena o ya kungikapela. 24 INdodana yomuntu i y'emuka pela njengokulotshiweyo ngayo: kepa maye lowo muntu iNdodana yomuntu e kashelwa uye! nga ku kuhle ku lowo muntu uma wa e nga zalwanga. 25 Wa s'e pendula uJudas, owamkapelayo, wa ti, Imina, Rabi, na? Wa ti kuye, U sho kona.

26 Be sa dhla uJesu wa tabata isinkwa, wa busisa; wa si hlepula wa si nika abafundi, wa ti, Tabatani ni dhle, loku ku ngumzimba wami. 27 Wa tabata nendebe; wa bonga, wa ba nika, wa ti, Puzani nonke kuyo; 28 ngokuba loku ligazi lami lesivumelwano eli palazelwa abaningi, ku be ukutetelelwa kwezono. 29 Kepa ngi ti kini, A ngi sa yi kupuza okwa lesi sitelo somvini ku ze ku be ilolo suku, engi za kusipuza ngalo nani, si sisha embusweni ka Baba.

30 Ba t'uba ba hlabelele, ba se be puma ba ya entabeni yemiNqumo.

31 Wa s'e ti kubo uJesu, Nina nonke ni ya kukubeka ngami nga lobu busuku: ngoba ku lotshiwe ukuti, Ngi ya kushaya umalusi, izimvu zomhlambi zi sakazeke. 32 Kepa ngasemva kwokuvuswa kwami, ngi ya kunandulela ukuya eGalile. 33 Wa pendulake uPetro wa ti kuye, Nokuba bonke be kubeka ngawe, a ngi soze nga kubeka mina. 34 UJesu wa ti kuye, Ngi qinisile ngi ti kuwe, nga lobu busuku, li nga ka kali iqude, u ya kungipika katatu. 35 Wa s'e ti kuye uPetro, Nokuba ku nga be ngi ya fa nawe, a ngi yi kukupika. Ba sho njalo nabafundi bonke.

36 Konake uJesu wa fika nabo endaweni e tiwa iGetesemane, wa ti ku bafundi bake, Hlalani pansi, ke ngi ye kutandaza lapaya. 37 Wa tabata uPetro namadodana amabili ka Zebedi, wa qala ukuba lusizi no-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

IGetesemane. U kashelwa uJudasi. Endhlini ka Kayafa.

kuyilayileka. **38** Wa s'e ti kubo, Umpefumlo wami u lusizi kakulu, ku ze ku be sekufeni: hlalani lapa, ni linde nami. **39** Wa qubeka ingcozana, wa ti mbo ngobuso, wa tandaza, wa ti, Baba, uma ku ng'enzeka, a ku dhlule kimi le ndebe: noko, ku nga bi njengokutanda kwami, ma ku be njengokwako. **40** Wa fika ku bafundi, wa ba fumana be lele, wa ti ku Petro, Yelele, be ni nge namandhla ukulinda nami ihora li be linye na? **41** Lindani ni tandaze, ukuba ni nga ngeni ekulingweni: umoya kambe u ya vuma, kodwa inyama i butakataka. **42** Wa buya w'emuka ngokwesibili, wa tandaza, wa ti, Baba, uma ku nge dhlule kimi le ndebe, ngi nga yi puzanga, a kwenzeke intando yako. **43** Wa fika futi wa ba fumana be lele ngokuba amehlo abo a sindwa ubutongo. **44** Wa ba shiyake futi, w'emuka, wa tandaza ngokwesitatu, e sho futi wona lawo mazwi. **45** Wa se fikake ku bafundi, wa ti kubo, Salani se ni lala, ni pumule: bhekani, se si sondele isikati, iNdodana yomuntu i si kashelwa ezandhleni zezoni. **46** Sukani, si hambe; nangu, u se sondele ongikapelayo.

47 E sa kuluma, nangoke, uJudas e fika, omunye waba ishumi nambili, ku kona naye isixuku esikulu si nezinkemba nezinduku, si vela ku bapristi abakulu namalunga abantu. **48** Lowoke omkapelayo u ba nike isibonakaliso sokuti, Lowo engi ya kumanga, nguye; m bambeni. **49** Wa fika qede ku Jesu, wa ti, E, Rabi; wa m anga. **50** Wa s'e ti kuye uJesu, Mngane, y'enza loku okubabeleyo. Ba se be fika ba yisa izandhla ku Jesu, ba m bamba. **51** Nakoke ku suka omunye wabo aba be noJesu w'elula isandhla, wa hosha inkemba yake, wa galela inceku yompristi omkulu, wa yi nquma indhlebe. **52** Wa s'e ti kuye uJesu, Buyisela inkemba yako endaweni yayo: ngoba bonke aba pata inkemba ba ya kububa ngenkemba. **53** U ti ngi nge cele ku Baba, a ngi kipele na manje izingelosi ezi dhlula amabandhla a ishumi nambili ngobuningi na? **54** Po ku nga gcwaliseka kanjani imibhalo yokuti ku melwe ukuba nje na? **55** Nga leso sikati uJesu wa ti ezixukwini, Ni pume nezinkemba nezinduku ukungibamba ngokungati ngi isigcwelegcwele na? Imihla ngemihla be ngi hlala, ngi fundisa etempelini, a na ngi bamba. **56** Kepa loko konke kwenzeke, ukuba ku gcwaliseke imibhalo yabaprofeti. Ba se be m shiya abafundi bonke, ba baleka.

57 Abambambileyo uJesu b'emuka naye ba ya kwa Kayafa umpristi omkulu, lapo kwa ku butene kona ababhali namalunga. **58** Kepa uPetro wa m landela e kashana, kwa za kwa ba segcekeni lendhlu yompristi omkulu, wa ngena pakati, wa hlala kanye nezinduna, e bhek'impeto. **59** Kepake abapristi abakulu nompakati wonke ba funa ubufakazi bamanga ngoJesu, ukuze ba m bulale; **60** a ba bu fumananga, nakuba kwa fika ofakazi bamanga abaningi. Kepa kamva kwa fika ababili, **61** ba ti, Lo wa ti, Ngi namandhla okucita itempeli li ka Nkulunkulu, ngi buye ngi l'ake ngezinsuku ezintatu. **62** Umpristi omkulu wa sukumake, wa ti kuye, A u penduli luto na? Yini loku a ba ku fakaza ngawe laba? **63** Kepa uJesu wa tula. Wa s'e ti kuye umpristi omkulu, Ngi ku fungisa uNkulunkulu opilayo ukuba u si tshele uma u nguKristu, iNdodana ka Nkulunkulu. **64** Wa s'e ti kuye uJesu, U sho kona: kantike ngi ti kini, Ku sukela manje ni ya kubona iNdodana yomuntu i hlezi ngakwesokunene sa-Mandhla, i za emafwini ezulu. **65** Umpristi omkulu wa s'e hxebula izingubo zake, wa ti, U se hlambalazile: ba sa swelekelani ofakazi? naku, se ni zwile le nhlamba: **66** ni tini na? Ba pendula ba ti, U fanele ukufa. **67** Ba se be m kafulela ngamate ebusweni ba m muhluza: abanye ba m mukula, **68** be ti, Si profetele, Kristu: ubani okutshayileyo?

69 Kepake uPetro wa e hlezi ngapandhle egcekeni: kw'eza kuye intombazana, ya ti, Nawe u bu noJesu wa

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

seGalile. 70 Kepa wa pika pambi kwabo bonke, e ti, A ngi kwazi loku okushoyo. 71 Ku te e se pumele nga sesangweni, enye ya m bona, ya ti kwaba be lapo, Lo wa e noJesu wa seNazareta. 72 Wa pika futi e funga wa ti, A ngi m azi lo muntu. 73 Ngasemva kwesikashana b'eza abemiyo kona ba ti ku Petro, Iqiniso nawe u ngomunye wabo; ngoba ukukuluma kwako ku ya ku dalula. 74 Wa s'e qala ukutuka nokufunga wa ti, A ngi m azi lo muntu. La se li kala iqude. 75 UPetro wa kumbulake izwi li ka Jesu a be li shilo lokuti, Iqude li nga ka kali, u ya kungipika katatu. Wa pumake wa kala ngomunyu.

27 Kwa ti se ku sile, abapristi abakulu bonke namalunga abantu b'enza isigungu ngoJesu ukuze ba m bulale: 2 ba m bopa, b'emuka naye, ba m yisa ku Pilatu umbusi.

3 Konake uJudas, owamkapelayo e bona ukuba u lahliwe, wa zisola, wa buyisela izinhlamvu zesiliva ezi ngamashumi amatatu ku bapristi abakulu namalunga, 4 e ti, Ng'onile loku ngi kapele igazi elimsulwa. Bonake ba ti, Ku yini loku kitina na? zibonele wena. 5 Wa e se lahla pansi izinhlamvu zesiliva endhlini engcwele, w'emuka; wa ya wa zipanyeka. 6 Abapristi abakulu ba tabata izinhlamvu zesiliva, ba ti, A ku vumekile ukuba zi bekwe emnikelweni, loku yinani legazi. 7 B'enza icebo, ba tenga ngazo izwe lombumbi, li be elokumbela abafo. 8 Nga loko lelo zwe la tiwa Izwe legazi, ku ze ku be namhla. 9 Konake kwa gcwaliseka okwa kulunywa ngoJeremiya umprofeti, ukuti, Ba tabata izinhlamvu zesiliva ezi ngamashumi amatatu, inani lake owenaniswayo, o'wenaniswa abatile baba kwa Israeli; 10 ba zi koka ngezwe lombumbi, njengaloko iNkosi eya ngi misela kona.

11 W'emake uJesu pambi kwombusi: umbusi wa m buza wa ti, U yiNkosi yabaJuda na? uJesu wa ti kuye, U sho kona. 12 E se bekwa icala abapristi abakulu namalunga, ka pendulanga luto. 13 Wa s'e ti kuye uPilatu, A u zwa yini loku okungaka abakufakazayo ngawe na? 14 Ka z'a m pendula, na kweli lodwa izwi: ngangoba umbusi wa mangala kakulu. 15 Ngomkosike umbusi wa e jwayele ukukululela isixuku isiboshwa si be sinye, ngokutanda kwaso. 16 Nga leso sikati ba be nesiboshwa esi negama, esi tiwa uBaraba. 17 Se be hlangeneke, uPilatu wa ti kubo, Ni tanda ukuba ngi ni kululele bani na? uBaraba, nokuba uJesu o tiwa uKristu na? 18 Ngokuba wa be azi ukuba ba m kapele ngomona. 19 E sa hlezi esihlalweni sokwahlulela, umkake wa tumela kuye, wa ti, U z'u nga bi na ndaba ku lo muntu olungileyo, ngokuba ngi koliseke ngokuningi ngaye namhlanje ngepupo. 20 Kodwa abapristi abakulu namalunga ba duda izixuku ukuba zi cele uBaraba, a bujiswe uJesu. 21 Kepa umbusi wa pendula wa ti kubo, Ni tanda ukuba ngi ni kululele mupi ku laba babili na? Ba ti, UBaraba. 22 UPilatu wa ti kubo, Poke ng'enzeni ku Jesu o tiwa uKristu na? Ba ti bonke, Ma ka betelwe. 23 Wa ti, Ngoba wenzeni okubi? Kepa ba memeza kakulu, be ti, Ma ka betelwe. 24 Wa ti ke uPilatu ukubona ukuba a ka sizi luto, kodwa ingxokozelo i ya vuka ngakumbe, wa s'e tata amanzi, wa hlamba izandhla pambi kwesixuku, e ti, Ngi msulwa egazini la lo muntu olungileyo; ziboneleni nina. 25 Abantu bonke ba pendula ba ti, Igazi lake a li be pezu kwetu, na pezu kwabantwana betu. 26 Wa s'e ba kululela uBaraba; kepa uJesu wa m baxula wa m kapela ukuba a betelwe.

27 Amabuto ombusi a s'e m tabata uJesu a m yisa ePretorio, a butela kuye ibuto lonke. 28 A m hlubula, a mu ti wamba ngengubo ebomvu. 29 Aluka umqele wameva a wu faka ekanda lake, nohlanga esandhleni sake sokunene; a guqa ngamadolo pambi kwake, a dhlala ngaye, a ti, Bayete, Nkosi yabaJuda! 30 A m kafulela, a tabata uhlanga a m shaya ekanda. 31 E se dhlale ngaye, a m hlubula ingubo, a m ambatisa ezake

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukubetelwa kwake. izingubo, a muka naye a ya kombetela.

32 A ti e puma, a fumana umuntu wa seKurene, uSimon igama lake: a m cindezela ukuhamba nawo ukuba a twale isipambano sake.

33 A t'uba a fike endaweni e tiwa iGolgota, oku ukuti, Indawo yenhloko, 34 a se m nika iwayini lokupuza li xubaniswe nenyongo: wa ti ukulizwa, ka vuma ukulipuza. 35 E se m betele, abelana izingubo zake, enzelana inkato; 36 a hlala pansi a m linda kona. 37 A beka ngapezu kwekanda lake icala lake li bhaliwe ngokuti, LO NGUJESU INKOSI YABAJUDA. 38 Kwa se ku betelwa kanye naye izigcwelegcwele ezibili, esinye ngakwesokunene nesinye ngakwesokohlo, 39 Abadhlulayo ba m hlambalaza, be nqakuza amakanda, 40 be ti, Wena o cita itempeli, u buye u l'ake ngezinsuku ezintatu, zisindise: uma u yiNdodana ka Nkulunkulu, y'ehla esipambanweni. 41 Kanjalo nabapristi abakulu b'enza igidigidi ngaye, kanye nababhali namalunga, ba ti, 42 Wa sindisa abanye: a nge zisindise yena. U yiNkosi ya kwa Israeli; a k'ehle manje esipambanweni, so kolwa uye. 43 Wetemba uNkulunkulu; a ka m hlangulise manje, uma e m enamele: ngoba wa ti, Ngi yiNdodana ka Nkulunkulu. 44 Nabapangi aba betelwa kanye naye ba m jakaja kanjalo.

45 Ku sukela kulo ihora lesitupa kwa ba kona ubumnyama ezweni lonke kwa za kwa ba ihora lesishiyangalolunye. 46 Ngehora lesishiyangalolunye uJesu wa memeza ngezwi elikulu, e ti, Eli, Eli, lama sabaktani? oku ukuti, Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, u ngi shiyeleni na? 47 Abanye kwabemiyo kona, se be zwa loku ba ti, Lo u biza uElija. 48 Kw'esuka omunye kubo wa gijima, wa tabata ilula, wa li gcwalisa ngoviniga wa li coma ohlangeni, wa m puzisa. 49 Kepa abanye ba ti, Yeka; si bone ukuti uElija u za kuza kumsindisa na? 50 Wa se pinda uJesu wa dazuluka ngezwi elikulu, wa wu yeka umoya wake. 51 Bheka, kwa

Ukumbelwa kwake. hxebuka kabili iveli letempeli la qala pezulu la ze la fika pansi; kwa zamazama umhlaba; namatshe a qekezeka; 52 amatuna a vuleka; izidumbu eziningi zabangcwele aba be lele za vuswa; 53 ba puma ematuneni emva kwokuvuka kwake ba ngena emzini ongcwele ba bonakala kwabaningi. 54 Induna yekulu, naba be nayo be linda uJesu, se be bone ukuzamazama kwomhlaba, nokwenzekayo, b'esaba kakulu, ba ti, Iqiniso lo u be yiNdodana ka Nkulunkulu. 55 Kwa ku kona abesifazana abaningi be buka be kashana aba be m landele uJesu be vela eGalile, be m konza: 56 pakati kwabo kwa ku kona uMariya Magadalene, noMariya unina ka Jakobe noJose, nonina wamadodana ka Zebedi.

57 Kwa t'uba ku hlwe, kwa fika umuntu ocebileyo wa seArimatiya, igama lake uJosefa, owa e ngumfundi ka Jesu naye: 58 lo wa ya ku Pilatu, wa cela isidumbu si ka Jesu. UPilatu wa s'e yala ukuba a nikwe sona. 59 UJosefa wa si tabata isidumbu, wa si songa ngendwangu yelineni ehlanzekileyo, 60 wa si beka etuneni lake elisha, a be li qope eweni: wa gingqela itshe elikulu emnyango wetuna, w'emuka. 61 Kwa ku kona lapo uMariya Magadalene, nomunye uMariya, be hlezi malungana neliba.

62 Ngangomsoke, olu ngasemva kwokulungisela, abapristi abakulu nabaFarisi ba butana ku Pilatu, 63 ba ti, Nkosi, si kumbula ukuba lo mkohlisi wa ti e se kona, Emva kwezinsuku ezintatu ngi ya kuvuka. 64 A k'u yale ukuba iliba li qiniswe ku ze ku be usuku lwesitatu, funa ku fike abafundi bake ba m ebe, ba ti ku bantu, U vukile kwabafileyo: ku ti inkohliso yokupela i be mbi kuneyokuqala. 65 UPilatu wa ti kubo, Se ni nabalindi: hambani, ni li qinise njengenikwaziyo. 66 Ba se be hamba, ba qinisa iliba be beka upau etsheni, be kanye nabalindi.

28 Kwa tike ekupeleni kwesabata, se ku ntwela ngolokuqala lwesonto, kwa fika uMariya Magada-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuvuka kwake. Isigungu sabaJuda. U yala abafundi.

lene nomunye uMariya b'eza ukubona iliba. 2 Bheka, kwa ba kona ukuzamazama kwomhlaba okukulu; ngokuba ingelosi yeNkosi y'ehla ezulwini, y'eza ya gingqa itshe ya li susa, ya hlala pezu kwalo. 3 Ukubonakala kwayo kwa ku njengonyazi, nesambato sayo sa si mhlope njengongqoqwane: 4 ngokuyesaba abalindi ba tutumela, ba ba njengabafileyo. 5 Ingelosi ya pendula ya ti kwabesifazana, Ni ng'esabi nina, ngoba ngi y'azi ukuba ni funa uJesu, o be betelwe. 6 A kako lapa; ngoba u vukile njengokusho kwake. Zanini, ni bone indawo lapa iNkosi i bi lele kona. 7 Sheshani ni ye, ni tshele abafundi bake ukuti, U vukile kwabafileyo; bhekani, u ya n'andulela ukuya eGalile; ni ya kumbona lapo: bhekani, se ngi ni tshelile. 8 Ba shesha b'emuka etuneni be nokwesaba nokutokoza okukulu, ba gijima ba ya kubikela abafundi bake. 9 Nangoke, uJesu e ba hlangabeza, wa ti, Sa ni bona. Ba sondela ba m bamba ngezinyawo, ba kuleka kuye. 10 UJesu wa s'e ti kubo, Ni ng'esabi: hambani ni ye kubikela abafo wetu ukuba ba muke ba ye eGalile, ba ya kungibona lapo.

11 Be sa hamba, nampoke, abanye ku balindi be ya emzini, be yo bikela abapristi abakulu konke okwenzekileyo. 12 Se be butene namalunga, b'enza isigungu, ba nika amabuto imali eningi, 13 ba ti, Ni ze ni ti, Ku fike abafundi bake ebusuku, ba m eba si lele. 14 Uma loku ku zwakala ku mbusi, si ya kumwota, s'enze ukuba ni nga piseki. 15 Njaloke a tabata imali, enza njengokufundiswa kwawo: lelo zwi la hxelebiswa ku baJuda, ku ze ku be namhla.

16 Kepa abafundi aba ishumi nanye ba ya eGalile, ku leyo ntaba uJesu a be ba yalele yona. 17 Ba ti ukumbona, ba kuleka kuye; kepa abanye ba ngabaza. 18 UJesu w'eza kubo wa kuluma kubo, wa ti, Ngi piwe amandhla onke ezulwini na semhlabeni. 19 Hambanike, ni z'enze abafundi izizwe zonke, ni ba bapatize egameni li ka Yise neleNdodana neli ka Moya oNgcwele: 20 ni ba fundise ukulinda konke engi ni yale ngako; bhekani, ngi nani izinsuku zonke, ku ze ku be sekupeleni kwezwe.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

IVANGELI NGOKULOBA KU KA

MARKO

UJesu u bapatizwa. U zuza abafundi. U fundisa eKapernaum.

1 Ukuqala kwevangeli li ka Jesu Kristu, iNdodana ka Nkulunkulu.
2 Njengokuba ku lotshiwe ku Isaya umprofeti ukuti,

Bheka, ngi tuma isigijimi sami pambi kwobuso bako,
Esi ya kulungisa indhlela yako;
3 Izwi lomemezayo ehlane li ti,
Lungisani indhlela yeNkosi,
N'enze imendo yayo i qonde;

4 kwa ba kona uJohane e bapatiza ehlane wa shumayela ubapatizo lokupenduka ku tetelelwe izono. 5 Kwa pumela kuye izwe lonke la seJudiya, naba seJerusalem bonke; ba bapatizwa uye emfuleni iJordan, be vuma izono zabo. 6 UJohane wa embete ingubo yoboya bekameli, nebande lesikumba okalweni lwake, wa dhla izinkumbi nezinyosi za sendhle. 7 Wa shumayelake, e ti, Emva kwami ku y'eza o namandhla kunami, engi nga lingenwe ukuba ngi fole ngi tukulule umcilo wezicatulo zake. 8 Mina ngi ni bapatize ngamanzi; kepa yena u ya kunibapatiza ngoMoya oNgcwele.

9 Kwa ti nga leyo mihla, kwa fika uJesu e vela eNazareta la seGalile, wa bapatizwa uJohane eJordan. 10 W'anela ukwenyuka emanzini, wa bona izulu li hxebuka, noMoya njengokungati ijuba ehlela pezu kwake: 11 kwa ba kona izwi li puma ezulwini, li ti, Wena u yiNdodana yami etandekayo, ngi kwenamele.

12 Masinyaneke uMoya wa m kipela ehlane. 13 Wa e kona ehlane izinsuku ezi mashumi amane e lingwa uSatane; wa e ndawonye nezilwane; wa konzwa izingelosi.

14 Kwa t'ubake a yiswe ekuboshweni uJohane, uJesu wa fika eGalile, e shumayela ivangeli li ka Nkulunkulu, 15 e ti, Isikati se si gcwalisekile, se u sondele umbuso ka Nkulunkulu: pendukani, ni kolwe ivangeli.

16 U te e dhlula nga selwandhle lwa seGalile wa bona uSimon no-Andreya umfo wabo ka Simon be ponsa ineta elwandhle; ngokuba be ngabadobi. 17 UJesu wa ti ke kubo, Wozani ni ngi landele, ngi za kunenza ni be ngabadobi babantu. 18 Ba se be shiya amaneta masinyane ba m landela. 19 Wa ti ukudhlulela pambili kancinyane, wa bona uJakobe ka Zebedi, noJohane umfo wabo, nabo be sesikebheni be lungisa amaneta. 20 Wa ba bizake masinyane: ba shiya uyise uZebedi esikebheni kanye nezisebenzi eziqashiweyo, ba m landela.

21 Ba ya ba ngena eKapernaum; masinyane ngesabata wa ngena esinagogeni wa fundisa. 22 Ba shaqeka ngokufundisa kwake: ngoba wa e ba fundisa njeng'onamandhla, ku nge njengababhali. 23 Kantike kwa ku kona esinagogeni labo umuntu o nomoya ongcolileyo; wa dazuluka, 24 e ti, Si na msebenzi muni nawe Jesu wa seNazareta? u ze kusibubisa na? Ngi ya kwazi ukuba u ngubani, u ngoNgcwele ka Nkulunkulu. 25 Wa s'e m kuza uJesu, e ti, Tula, u pume kuye. 26 Umoya ongcolileyo, wa s'e m gongobalisa, wa kala ngezwi elikulu, wa puma kuye. 27 Ba shaywa uvalo bonke, ba buzana bodwa, ba ti, Ku yini loku? E, ukufundisa okusha! u yala omoya abangcolileyo ngamandhla, ba m lalele. 28 Lwa se lu ti hxelele masinyane udumo lwake kuso sonke isifunda sa seGalile.

29 Ba puma qede esinagogeni, ba se be ngena endhlini ka Simon no-Andreya, be noJakobe noJohane. 30 Umkwekazi ka Simon wa e lele e kwelwe umkuhlane; ba se be m tshela ngaye: 31 wa ya wa m lulamisa e m bamba ngesandhla; umkuhlane wa se u m yeka, wa ba konza.

32 Se ku hlwa, se li shonile ilanga,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ba leta kuye bonke abagulayo, naba kwelwe amademone. 33 Umuzi wonke wa butana nga semnyango. 34 Wa pilisa abaningi aba kwelwe izifoyifo, wa kipa amademone amaningi; wa e nga vumeli amademone ukuba a kulume, ngoba a m azi.

35 Ekuseni, ku se mnyama kakulu, wa vuka wa puma, wa ya endaweni e ihlane, wa tandaza kona. 36 USimon naba be naye ba m putuma; 37 ba m fumanake, ba ti kuye, Bonke ba ya ku funa. 38 Wa ti kubo, A si ye ezindaweni zimbe emizini e seduze, ukuba ngi shumayele na kona; ngokuba ngi pumele kona loku. 39 Wa ngena emasinagogeni abo kulo lonke iGalile, e shumayela e kipa amademone.

40 Kwa fika kuye o nocoko, wa m ncenga, e guqa ngamadolo, wa ti kuye, Uma u vuma, u nga ngi hlambulula. 41 E nesihe, w'elula isandhla, wa m namata, wa ti kuye, Ngi ya vuma; hlambululeka. 42 Kwa se ku suka kuye masinyane ucoko, wa hlambululeka. 43 Wa m yala wa gamela, wa m mukisa masinyane, 44 wa ti kuye, Qapela u nga tsheli muntu luto: hamba nje u ye u zibonakalise ku mpristi, u nikele ngokuhlanjululwa kwako loko akuyalelayo uMoses, ku be ubufakazi kubo. 45 Kepa wa puma, wa qala ukuyishumayela kakulu, nokuyihxelebisa leyo ndaba, ngangoba uJesu wa e nge na kungena emzini obala; wa ba ngapandhle ezindaweni ezi ngamahlane: b'eza kuye be vela inxa zonke.

2 Kwa t'uba a ngene futi eKapernaum ngasemva kwezinsuku, kw'ezwakala ukuti u sendhlini. 2 Kwa butanake abaningi, ngangoba a ku banga ku sa bako ndawo, ayi, na nga semnyango: wa li kuluma izwi kubo. 3 Kwa fika kuye, aba leta umuntu o fe uhlangoti, e twelwe abantu abane. 4 Be nge na kusondela kuye ngenxa yesixuku, ba fuza upahla lapa e kona; la se be bobosile, b'ehlisa ukuko a lele kulo o fe uhlangoti. 5 UJesu e bonake ukukolwa kwabo wa ti k'o fe uhlangoti, Mntanami, u tetelelwe izono zako. 6 Kwa ku kona ababhali abatile be hlezi kona, be zindhla ezinhliziyweni zabo be ti, 7 Lo u kulumelani kanje? u ya hlambalaza: ubani o nga tetelela izono kupela munye, nguNkulunkulu? 8 UJesu e kwazi masinyane ngomoya wake ukuba ba zindhla kanjalo pakati kwabo, wa ti kubo, Ni zindhlelani loku ezinhliziyweni zenu na? 9 Yikupike oku lula, ukuti k'o fe uhlangoti, U tetelelwe izono zako; kuko ukuti, Vuka, u tabate ukuko lwako, u hambe na? 10 Kepake ukuze n'azi ukuti iNdodana yomuntu i namandhla emhlabeni okutetelela izono (wa ti k'o fe uhlangoti), 11 Ngi ti kuwe, Vuka u tabate ukuko lwako, u ye endhlini yako. 12 Wa vukake, wa tabata ukuko lwake masinyane, wa puma pambi kwabo bonke; ngangoba ba nkema bonke, ba dumisa uNkulunkulu, ba ti, A si zanga si bone okunje.

13 Wa buya wa puma wa ya nga selwandhle; isixuku sonke sa ya kuye, wa si fundisa. 14 Wa ti e dhlula, wa bona uLevi ka Alfeu e hlezi endaweni yokutela imali, wa ti kuye, Ngi landele. W'esukake wa m landela.

15 Kwa ti, e sa hlezi ekudhleni endhlini yake, abatelisi abaningi nezoni ba hlala noJesu nabafundi bake: ngoba ba be baningi, ba m landela. 16 Kwa t'ubake ababhali babaFarisi, ba m bone e dhla nezoni nabatelisi, ba ti ku bafundi bake, Yini ukuba a dhle a puze nabatelisi nezoni na? 17 Wa ti uJesu ukuzwa loko, wa ti kubo, Aba iziqwanqwa a ba swele nyanga, abagulayo bodwa: a ngi zanga kubiza abalungileyo, ngi ze kubiza izoni.

18 Abafundi ba ka Johane nabaFarisi ba be zila ukudhla: b'eza ba ti kuye, Ku ngani ukuba abafundi ba ka Johane nabafundi babaFarisi ba zile ukudhla, kepa abafundi bako a ba zili? 19 Wa ti kubo uJesu, Abayeni ba nga zila yini, umyeni e se nabo na? Ku seloku be se naye umyeni, ba nge zile. 20 Kodwa ku za kufika izinsuku, lapo umyeni e ya kususwa kubo, b'andu kuzila nga lolo suku. 21 A kuko muntu o tungela isiziba esi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nga shukekile engutsheni endala: funa okufakiweyo ku dhle ku yona, entsha kwendala, kwenzeke ukuxhebuka okubi. 22 A kuko muntu o tela iwayini elisha ezimvabeni ezindala; nxa ku njalo iwayini li ya kuqumisa izimvaba, kwonakale iwayini, kanye nezimvaba: kodwa iwayini elisha li telwa ezimvabeni ezintsha.

23 Kwa ye kwa ti, wa dabula emasimini ngesabata; abafundi bake ba qala ukuka izikwebu be hamba. 24 Ba se be ti kuye abaFarisi, A u bheke, b'enzelani ngesabata oku nga vumekile? 25 Wa ti ke kubo, A ni zanga ni funde yini okw'enziwa uDavida msukwana e dinga, e lambile, yena, naba be naye? 26 Ukuti wa ngena endhlini ka Nkulunkulu, ku se uAbiyatare umpristi omkulu, wa dhla izinkwa zokubhekwa, oku nga vumekile ukuba zi dhliwe kupela abapristi, wa nika naba be naye? 27 Wa ti kubo, Isabata l'enzelwa umuntu, umuntu a k'enzelwanga isabata: 28 njaloke iNdodana yomuntu i yiNkosi yesabata nalo.

3 Wa buya wa ngena esinagogeni; kwa ku kona lapo umuntu osandhla sake si shwabene. 2 Ba m hlomela, be ti kazi u za kumpilisa nje ngesabata na; ukuba ba m bek'icala. 3 Wa s'e ti ku lo muntu osandhla si shwabene, Sukuma u vele obala. 4 Wa ti ke kubo, Ku vumekile ngesabata ukwenza okulungileyo, kuko ukwenza okubi na? ukusindisa umuntu, kuko ukubulala na? Kepa ba tula nje. 5 Wa ti ukuba a ba qalaze ngolaka, e dabukile ngokutuntubezeka kwezinhliziyo zabo, wa ti ku lo muntu, Yelula isandhla sako. Wa s'elula; isandhla sake sa lunga sa ti mwe. 6 AbaFarisi ba puma, qede, b'enza isigungu naba nga ku Herode, sokuti ba nga m bubisa kanjani.

7 UJesu w'emuka nabafundi bake wa ya nga selwandhle: kwa m landela isiqumbi esikulu sabantu si vela eGalile; na seJudiya, 8 na seJerusalem, na seIdumiya, na ngapesheya kweJordan, na nga seTire neSidon, isiqumbi esikulu sabantu, sezwa okungaka akwenzayo sa ya kuye. 9 Wa kuluma ku bafundi bake, ukuba isikebhana si m hlalele njalo ngenxa yesixuku, ukuze si nga m kandanisi: 10 ngokuba wa e pilise abaningi; nangoba ba minyana pezu kwake ukuba ba m namate bonke aba be nezifo. 11 Omoya abangcolileyo, nxa be suka be m bona, ba wa pansi pambi kwake ba dazuluka, ba ti, Wena u yiNdodana ka Nkulunkulu. 12 Wa ba yalisisa kakulu ukuba ba nga m vez'obala.

13 Wa s'enyukela entabeni, wa biza labo a tanda ukubabiza yena; ba ya kuye. 14 Wa misa aba ishumi nambili, ukuba ba be naye, nokuba a ba tume ba ye kushumayela, 15 ba be namandhla okukipa amademone: 16 uSimon wa m qamba igama lokuti uPetro; 17 uJakobe ka Zebedi, noJohane umfo wabo ka Jakobe; laboke wa ba qamba amagama okuti, oBoanerges, oku ukuti, Amadodana okuduma: 18 noAndreya, noFilipu, noBartolome, noMateu, noTomasi, noJakobe ka Alfeu, noTadeu noSimon umKananiya, 19 no Judas Iskariyoti, owamkapelayo.

Wa s'e ngena endhlini. 20 Sa butana futi isixuku, ngangoba ba be nge na kudhla na sinkwa. 21 Abakubo se be zwile loko, ba puma ba ya kumbamba: ngoba ba ti, u ya gcwaneka. 22 Ababhali abehla be vela eJerusalem ba ti, U noBelezebule, U kipa amademone ngesikulu samademone. 23 Wa ba bizake, wa ti kubo ngemifanekiso, USatane a nga kipa kanjani uSatane na? 24 Uma umbuso wahlukene wodwa, lowo mbuso u ng'eme. 25 Nendhlu uma yahlukene yodwa, leyo ndhlu a i yi kuba namandhla okuma. 26 NoSatane uma e zivukela yena, wahlukene, a ng'eme, u'za kupela. 27 Kepa a kako o nga ngena endhlini yesiqwaga, a pange impahla yaso, e nga qali a bope isiqwaga; andu kupanga indhlu yaso. 28 Ngi qinisile ngi ti kini, Abantwana babantu ba ya kutetelelwa izono zonke, nokuhlambalaza aba ya kuhlambalaza ngako: 29 kodwa lowo o hla-

Digitized by
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

mbalaza uMoya oNgcwele ka na kutetelelwa na nini, kepa u necala lesono esimiyo njalo: 30 ngokuba ba ti, U nomoya ongcolileyo.

31 Kwa se ku fika unina nabafo wabo: b'ema ngapandhle, ba tumela kuye, be m biza. 32 Isixuku sa si hlezi nga kuye; ba ti kuye, Nangu unyoko nabafo wenu ngapandhle be ku funa. 33 Wa ba pendula, wa ti, Ngubani umame nabafo wetu na? 34 Wa qalaza aba be hlezi be m haqile, wa ti, Nangu umame nabafo wetu! 35 Ngoba o wenza intando ka Nkulunkulu, uyena o ngumfo wetu, nodade wetu, nomame.

4 Wa buya wa qala ukufundisa nga selwandhle. Kwa butana kuye isixuku esikulu kakulu, ngangoba wa ngena esikebheni, wa hlala elwandhle; isixuku sonke sa si nga selwandhle emhlabatini. 2 Wa ba fundisa okuningi ngemifanekiso, wa ti kubo ekufundiseni kwake, 3 A ke ni zwe: Bhekani, kwa puma umhlwanyeli ukuyohlwanyela: 4 kwa tike, ekuhlwanyeleni kwake, enye imbeu ya wa nga sendhleleni, kwa fika izinyoni za yi dhla za yi qeda. 5 Enye ya wa esigedhleni, lapa i nge na mhlabati omningi; ya mila masinyane, ngokuba i nge na mhlabati ojulileyo: 6 kwa t'uba ku pume ilanga, ya hamuka; na ngokuba i nge na mpande, ya buna. 7 Enye ya wa emeveni, ameva a hluma, a yi minyanisa, a ya tela ukudhla. 8 Enye ya wa emhlabatini omuhle, ya tela ukudhla, ya hluma y'anda; ya veza ngamashumi amatatu, na ngamashumi a isitupa, na ngekulu. 9 Wa ti, O nezindhlebe zokuzwa, a k'ezwe.

10 Lapo e se yedwa, aba be nga kuye kanye naba ishumi nambili ba m buza imifanekiso. 11 Wa ti kubo, Ni piwe nina imfihlakalo yombuso ka Nkulunkulu: kodwa kwaba ngapandhle, konke kwenziwa ngemifanekiso: 12 ukuze ngokubona ba bone, ba nga ze b'azi; na ngokuzwa b'ezwe, ba nga ze ba qonda; funa mhlaumbe ba penduke, ba tetelelwe. 13 Wa se ti kubo, A ni w'azi lo mfanekiso na? po ni ya kuy'azi kanjani yonke imifanekiso? 14 Umhlwanyeli u hlwanyela izwi. 15 Yilaba aba nga sendhleleni, lapa ku hlwanyelwa kona izwi; b'anel'ukuzwa nje, ku fike uSatane, a suse izwi elihlwanyelweyo pakati kwabo. 16 Yilabake ngokunjalo aba hlwanyelwe ezigedhleni, aba ti se be li zwile izwi, ba l'amkele masinyane ngokutokoza; 17 kepa ka ba na mpande pakati kwabo, ba ba abomzuzwana nje; kut'ukuba ku vele ukukatazeka nokuzingelwa ngenxa yezwi, ba kubeke masinyane. 18 Abanye ngabahlwanyelwe emeveni; yilabo a se bezwe izwi, 19 kepa ukupisekela izwe, nokukohlisa kwengcebo, nokukanuka ezinye izinto ku ngena, ku minyanise izwi, li be elingateliyo. 20 Aba hlwanyelwe emhlabatini omuhle yilaba; ab'ezwa izwi, ba l'amkele, ba tele izitelo, ngamashumi amatatu, na ngamashumi a isitupa, na ngekulu.

21 Wa ti kubo, Isibani si ke si letwe ukuba si bekwe pansi kwokamba, nokuba pansi kwombede? ku nga bi ukuba si bekwe otini na? 22 Ngokuba a kuko luto olusitekileyo, uma ku nge siko ukuba lu bonakaliswe; a kuko okwafihlakalayo, kupela okokuba ku vele obala. 23 Uma e kona o nezindhlebe zokuzwa, a k'ezwe. 24 Wa ti kubo, Qapelani enikuzwayo: nga leso silinganiso eni linganisa ngaso nani ni ya kulinganiselwa ngaso; n'elekelwe okunye. 25 Ngokuba o nako, u ya kupiwa: o nge nako, u ya kwamukwa na loko a nako.

26 Wa s'e ti, U nje umbuso ka Nkulunkulu, njengokungati umuntu u ponsa imbeu emhlabatini; 27 a lale a vuke ubusuku nemini, imbeu i mile i kule ngangakwaziyo, 28 umhlabati u tela ukudhla ngokwawo; kuqala ikaba, be se ku ba isikwebu, be se ku ba amabele a pelele esikwetshini. 29 Kepa nxa se ku vutiwe ukudhla, u faka masinyane isikela, ngokuba ukuvuna se ku fikile.

30 Wa ti, Si ya kuwufanisa nani umbuso ka Nkulunkulu na? si ya kuwulinganisa ngamlinganiso muni na?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isivunguvungu. Amademone nezingulube. Indodakazi ka Jayiro.

31 U njengenhlamvu yesinapi, e ti, inxa i hlwanyelwa emhlabatini, nokuba incane kunazo zonke izimbeu ezi semhlabeni, 32 noko nxa se i hlwanyelwe, i mila, i be nkulu kunazo zonke izilimo, i xante amagatsha amakulu; ngangoba izinyoni zezulu zi nga hlala pansi kwomtunzi waso.

33 Wa li kuluma izwi kubo ngemifanekiso eminingi enje, njengamandhla abo okuzwa; 34 ngapandhle kwomfanekiso ka kulumanga kubo: kepa se be bodwa wa ba casisela abafundi bake konke.

35 Nga lolo suku, se ku hlwa, wa ti kubo, A si wele si ye ngapesheya. 36 Ba se be shiya isixuku, ba m tabata, njengoba e njalo, esikebheni. Kwa ku kona nezinye izikebhe naye. 37 Kwa se ku vuka isikwishikwishi esikulu somoya, amaza a ponseka pakati esikebheni, isikebhe sa se si gcwala. 38 Kepa yena wa e ngasemva esikebheni, e lele esicamelweni: ba m vusa, ba ti kuye, Mfundisi, a u nakile nakuba si buba na? 39 Wa vukake, wa kuza umoya, wa ti kulo ulwandhle, Tula, u ti nya. Wa bohlake umoya, kwa ti cwantalala. 40 Wa ti kubo, Yini ukuba ni be amagwala? a ni ka bi na kukolwa na? 41 B'esaba nokwesaba, ba ti omunye komunye, Po ubani lo, ukuba a lalelwe na umoya nolwandhle?

5 Ba ya ba fika pesheya kwolwandhle, ezweni lamaGerase. 2 Kwa t'uba a pume qede esikebheni, kwa hlangana naye umuntu o puma ematuneni e nomoya ongcolileyo. 3 Owa e hlala ematuneni: kwa ku ngeko muntu o nga b'e sa m bopa, na ngeketanga; 4 ngokuba wa e kade e boshwa futifuti nga ozankosi na ngamaketanga, amaketanga a be gqashulwe uye, na ozankosi b'apulwa: kwa ku ngeko o namandhla okumtambisa. 5 Ngesikati sonke, ubusuku nemini, wa e sematuneni na sezintabeni, e dazuluka, e zisika ngamatshe. 6 Wa t'ukubona uJesu e kude, wa gijima wa kuleka kuye; 7 wa dazuluka ngezwi elikulu, wa ti, Ngi na msebenzi muni nawe, Jesu, Ndodana ka Nkulunkulu oPezu Konke? Ngi ku fungisa uNkulunkulu, u nga ngi zwis'umunyu. 8 Ngokuba wa e te kuye, Puma ku lo muntu, moya ongcolileyo. 9 Wa m buza wa ti, U ngubani igama lako? Wa ti kuye, NguLegeona igama lami; ngokuba si baningi. 10 Wa m ncenga kakulu ukuba a nga ba mukisi ku lelo zwe. 11 Kwa ku konake lapo nga sentabeni umhlambi omkulu wezingulube zi xhabile, 12 Ba m ngcenga, ba ti, Si tumele ezingulubeni, ukuba si ngene kuzo. 13 Wa ba vumela. Omoya abangcolileyo ba puma, ba ngena ezingulubeni: kwa gulugudela umhlambi wa keleketela elwandhle nga sesiweni, kungati za zi izinkulungwane ezimbili; za minza elwandhle. 14 Aba be z'alusa ba baleka, ba ya ba bika emzini, na sezweni. Ba ya kobona ukuba ku yini okwenzekileyo. 15 Ba fika ku Jesu, ba bona o be kwelwe amademone e hlezi, embete e se sangulukile, yena o be nelegeona: b'esaba. 16 Abakubonileyo ba ba balisela ukuti be kwenzenjani kuye owa be e kwelwe amademone, nokwezingulube. 17 Ba se be qala ukumncenga ukuba a muke emikaulweni yela kubo. 18 E sa ngena esikebheni, lowo owa be e kwelwe amademone wa m ncenga ukuba a be naye. 19 A ka m vumelanga, wa ti kuye, Hamba u ye ekaya kwaba kini, u ba bikele loku okungaka iNkosi e kwenzele kona, ya ku haukela. 20 W'emukake wa qala ukushumayela eDekapoli loko okungaka uJesu a m enzele kona: ba mangala bonke.

21 Ku te uJesu e se welele futi ngapesheya ngesikebhe, isixuku esikulu sa butana kuye; wa e nga selwandhle. 22 Kwa fika omunye wabapati besinagoge, uJayiro igama lake; e m bona, wa wa pansi ezinyaweni zake, 23 wa m ncenga kakulu, e ti, Indodakazi yami encane i si yalela: a k'u ze u beke izandhla pezu kwayo, kona i za kusinda, i pile. 24 Wa hambake naye; wa landelwa isixuku esikulu, sa m kandanisa.

25 Owesifazana owa e gobha igazi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Owesifazana o gobha igazi. Waliwa eNazareta. U tuma abapostoli.

iminyaka e ishumi nambili, 26 e se hlupeke ngokuningi ezinyangeni eziningi, e cite konke a be nako, e nga sizakali nga luto, kodwa kwa ba ikona ku m qinisa kakulu, 27 e se zwile ngaye uJesu, w'eza esixukwini ngasemva, wa namata ingubo yake. 28 Ngokuba wa ti, Uma ngi namata izingubo zake nje, ngi za kusinda. 29 Kwa se ku sha masinyane umtombo wegazi lake; w'ezwa emzimbeni ukuba u pulukile esifweni sake. 30 W'anela ukuzwa uJesu ukuba amandhla a kuye a pumile, wa pendukela esixukwini, wa ti, Ubani o namate izingubo zami? 31 Abafundi bake ba ti kuye, U ya bona isixuku si ku kandanisile, u ti noko, Ngi namatwe ubani na? 32 Wa qalaza ukuba a bone o wenze loku. 33 Kepa owesifazana esaba e tutumela azi okwenzeke kuye, w'eza wa wa pansi pambi kwake, wa m tshela iqiniso lonke. 34 Wa ti kuye, Ndodakazi, ukukolwa kwako ku ku sindisile; hamba kahle, u pile u ti mwe esifweni sako.

35 E sa kuluma, kwa fika aba kwampati wesinagoge, ba ti, Indodakazi yako i si file: u sa m qobelani uMfundisi na? 36 Kepa uJesu, e nga naki leli zwi elikulunywayo, wa ti ku mpati wesinagoge, U ng'esabi, kolwa nje. 37 Ka vumelanga muntu ukulandelana naye, kupela uPetro, noJakobe, noJohane, umfo wabo ka Jakobe, 38 Ba fikake endhlini yompati wesinagoge, wa bona ukuxokozela, nabaningi be kala be lila kakulu. 39 Wa t'uba a ngene, wa ti kubo, Ni xokozelelani, ni kala na? umntwana ka file, u lele nje. 40 Ba m hleka usulu. Kepa e se ba kipile bonke, wa tabata uyise womntwana nonina nabo aba be naye, wa ngena lapa e kona umntwana. 41 Wa bamba umntwana ngesandhla, wa ti kuye, Talita kumi; oku ukuti ku hunyushelwa, Ntombazana, ngi ti kuwe, Vuka. 42 Ya se i vuka intombazana masinyane, ya hambahamba; ngoba ya i neminyaka e ishumi nambili ubudala. Ba se be nkema ngokunkema okukulu. 43 Wa ba yalisisa kakulu ukuba loku ku ng'aziwa muntu: wa ti ma i nikwe ukudhla.

6 W'emuka lapo: wa ya ezweni la kubo; abafundi bake ba m landela. 2 Se ku fikile isabata, wa qala ukufundisa esinagogeni: abaningi abezwayo ba shaqeka, ba ti, Lo u ku tatepi loku na? Ukuhlakanipa kuni a nikwe kona lo muntu na? nemisebenzi yamandhla e nje e yenziwe izandhla zake? 3 Lo a siye umbazi, indodana ka Mariya, umfo wabo kaJakobe, noJose, noJudas, noSimon na? nodade wabo a bako lapa kitina na? Ba kubeka ngaye. 4 UJesu wa ti kubo, Umprofeti ka ku sweli ukutuswa, kupela ezweni la kubo, na kwaba inyama yake, na sendhlini ya kwabo. 5 Wa e nge na kwenza lapo umsebenzi wamandhla, wa beka izandhla pezu kwabagulayo aba ingcozana kupela nje, wa ba pilisa. 6 Wa mangala ngokungakolwa kwabo.

Wa hambahamba e zungeza emizaneni e fundisa.

7 Wa biza aba ishumi nambili, wa qala ukubatuma ngababili ngababili; wa ba nika amandhla pezu kwa omoya abangcolileyo; 8 wa ba yala ukuba ba nga pati luto lwendhlela, kupela udondolo lodwa; ba nga pati na sinkwa, na yika, na mali emxakeni; 9 ba fake izicatulo nje: ba ng'ambati amabantshi amabili. 10 Wa ti kubo, Nakuba yipi lapo ni ngena kona endhlini, a no hlala kuyo ni ze ni muke kona. 11 Leyo ndawo e suk'i nga n'amkeli, be nga ni zwa, nxa se ni puma kona, vutululani utuli olu pansi kwezinyawo zenu ku be ubufakazi ku bona. 12 Ba pumake, ba shumayela ukuba ku pendukwe. 13 Ba kipa amademone amaningi, ba gcoba ngamafuta abaningi abagulayo, ba ba pilisa.

14 Inkosi uHerode y'ezwa nga loku; loku la se li dumile igama lake: ya ti, UJohane umBapatizi u vukile kwabafileyo, ku ngaloko lawa mandhla a ya sebenza kuye. 15 Abanye ba ti, NguElija. Abanye ba ti, Ngumprofeti, njengomunye wabaprofeti. 16 Kepa uHerode, e ku zwa,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukubulawa ku ka Johane. Ukupiwa kwezinkulungwane ezi isihlanu.

wa ti, UJohane, enga m nquma ikanda, u vukile. 17 Ngokuba yena uHerode wa be e tumele wa bamba uJohane, wa m bopa etilongweni ngenxa ka Herodiya, umka Filipu, umfo wabo; ngokuba wa e ganwe uye. 18 Ngoba uJohane wa be te ku Herode, A ku vumekile ukuba u be nomka mfo wenu. 19 Njaloke uHerodiya wa ba namagqubu ngaye, wa funa ukumbulala; kepa a ka ba namandhla; 20 ngoba uHerode w'esaba uJohane, e m azi ukuba umuntu olungileyo nongcwele, wa m londa. Wa ti ukumuzwa, wa sambateka kakulu; wa mu zwa ngokujabula. 21 Kwa ti se ku fike usuku olufaneleyo, lapo uHerode ngosuku lokuzalwa kwake enzela isidhlo abakulu bake, nezinduna ezinkulu, nabanumzana ba se-Galile; 22 kwa t'uba ku ngene indodakazi ka Herodiya uqobo lwake i sine, ya m hlab'umxwele uHerode naba be hlezi naye; inkosi ya ti kuyo intombazana, Cela kimi okutandayo, ngi za kukupa kona. 23 Wa funga kuyo e ti, Loko o ya kukucela kimi, ngi za kukupa kona, nakuba ku nga ze ku be inxenye yombuso wami. 24 Ya se i puma, ya ti ku nina, Ngi cele ntoni na? Wa ti, Ikanda li ka Johane umBapatizi. 25 Ya se i ngena masinyane ngokushesha enkosini, ya cela, ya ti, Ngi tanda ukuba u ngi pe konamanje oqwembeni ikanda li ka Johane umBapatizi. 26 Inkosi ya ba lusizi kakulu; kepa ngenxa yezifungo, na ngenxa yaba be hlezi nayo ekudhleni, a ya funa ukuyilandulela. 27 Inkosi ya se i tuma umlindankosi, ya m yala ukuba a lete ikanda lake: yena wa hamba wa m nquma ikanda etilongweni, 28 wa leta ikanda lake ngoqwembe, wa li nika intombazana; intombazana ya li nika unina. 29 Ba ti ukuzwa abafundi bake, b'eza ba tabata isidumbu sake, ba si beka etuneni.

30 Abapostoli ba butana ku Jesu; ba m bikela konke, aba be kwenzile, naba be ku fundisile. 31 Wa s'e ti kubo, Wozani nina nodwa endaweni e ihlane, ni ke ni pumule ingcozana. Ngokuba ba be baningi aba be de be fika be muka, ba be nge na tuba nelokudhla. 32 B'emuka ngesikebhe ba ya endaweni e ihlane be bodwa. 33 Abantu ba ba bonake bemuka, abaningi ba b'azi, ba gijimela kona ngezinyawo be puma emizini yonke, ba b'andulela. 34 Wa pumake wa bona isixuku esikulu, wa ba nesihe ngaso, ngoba sa si njengezimvu ezi nge na malusi: wa qala ukusifundisa okuningi. 35 Kwa ti imini se i katulekile, abafundi bake b'eza kuye, ba ti, Le ndawo yihlane, imini se i katulekile; 36 ba mukise, ukuba ba ye emapandhleni na semizaneni ezungezileyo, ba zitengele into yokudhliwa. 37 Kepa wa pendula wa ti kubo, Ba peni nina ba dhle. Ba ti kuye, Si ye kutenga izinkwa za osheleni abamakulu mabili, si ba pe ba dhle na? 38 Wa ti kubo, Zi ngaki izinkwa eni nazo na? hambani ni yo bona. Se be z'azi, ba ti, Zi isihlanu, nezinhlanzi ezimbili. 39 Wa ba yala ukuba ba cambalale bonke izigaba ngezigaba otshanini obuluhlaza. 40 Ba hlalake pansi izinhla ngezinhla ngamakulu, na ngamashumi amahlanu. 41 Wa tabata izinkwa ezi isihlanu nezinhlanzi ezimbili, wa bheka ezulwini, wa zi busisa wa zi hlepula izinkwa; wa zi nika abafundi ukuba ba zi beke pambi kwabo; nezinhlanzi ezimbili wa b'abela bonke ngazo. 42 Ba dhlake bonke, ba suta. 43 Ba buta amavutuluka, amaqoma a ishumi nambili e gcwele, nawezinhlanzi. 44 Aba dhla izinkwa ba be izinkulungwane ezi isihlanu amadoda.

45 Wa se e sindezela abafundi bake masinyane ukuba ba ngene esikebheni, ba m andulele ukuya ngapesheya eBetesayida, yena e sa mukisa isixuku. 46 Wa t'uba a si valelise, w'emuka wa ya entabeni e ya kutandaza. 47 Kwa ti se ku hlwile, isikebhe sa si pakati nolwandhle, yena ke e yedwa emhlabatini. 48 Wa ba bonake ku ba yile ngokugwedhla, ngokuba umoya wa be u pambene nabo, kungati ngomlindo wesine wobusuku wa ya kubo, e hamba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

pezu kwolwandhle; wa nga ti u ya ba dhlula: 49 kepake ba t'ukumbona e hamba pezu kwolwandhle, ba cabanga ukuti itongo, ba dazuluka; 50 ngokuba ba m bona bonke, ba tatazela. Kepa wa se e kuluma nabo masinyane, wa ti kubo, Yimani isibindi: yimina; ni ng'esabi. 51 Wa s'enyukela kubo esikebheni; wa bohla umoya: ba nkema kakulu pakati kwabo; 52 ngokuba a ba qondanga indaba yezinkwa, inhliziyo yabo ya i tuntubezekile.

53 Se be welile, ba fika ezweni eGenesarete ba bopa ogwini. 54 La se be pumile esikebheni, abantu ba m azi masinyane, 55 ba gijimela kulo lonke ela nga kona, ba qala ukutwala ngezinkuko abagulayo, ba ba yisa lapo be mu zwa e kona. 56 Noma yipi lapa e ngena kona, emizaneni, na semizini, na semapandhleni; ba beka abagulayo ezindaweni zokubutana, ba m ncenga ukuba ba namate nokuba umpeto nje wengubo yake: abamnamatayo bonke ba sinda.

7 Kwa butana kuye abaFarisi, nabanye bababhali, aba be vele eJerusalem, 2 se be bone ukuti abanye babafundi bake ba dhla ngezandhla ezimbi, oku ukuti, ezi nga hlanziwe. 3 (Ngokuba abaFarisi, nabaJuda bonke, a ba dhli be nga zi hlambanga izandhla ngesineke, be bamba isikoti labadala; 4 nxa be vela endaweni yokubutana, a ba dhli, be nga ka gezi; ku kona nezinye izinto eziningi, abaz'amkeleyo ba zi bamba, okokuti ukuhlanza izindebe, nezinkamba, nezitsha zetusi.) 5 AbaFarisi nababhali ba m buzake be ti, Ku ngani ukuba abafundi bako ka ba hambi ngesikoti labadala, kepa ba dhla ngezandhla ezimbi? 6 Wa ti ke kubo, UIsaya wa profeta kahle ngani nina bazenzisi, njengokulotshiweyo ukuti,

Laba bantu ba ya ngi dumisa ngezindebe zabo,
Kepa inhliziyo yabo i kude nami.
7 Kepa ba kuleka kimi ku be ize,
Be fundisa ku be izifundiso zabo iziyalezelo zabantu.

8 Ni yeka umyalo ka Nkulunkulu, ni bamba isikoti labantu. 9 Wa s'e ti kubo, Ni shafisa kahle umyalo ka Nkulunkulu, ukuba ni gcine isikoti lenu. 10 Ngoba uMoses wa ti, Hlonipa uyihlo nonyoko; nokuti, O tuka uyise noma unina, a ka fe nokufa: 11 kepa nina ni ti, Uma umuntu e ti ku yise noma ku nina, Ku ikorbana, oku ukuti, umnikelo, loko o nga be u sizwe imi ngako; 12 ni nga be ni sa m vumela ukuba enzele uyise noma unina uto; 13 ni buntshisa izwi li ka Nkulunkulu ngesikoti lenu, enilivezileyo: nezinye izinto eziningi ezinjalo ni ya z'enza. 14 Wa s'e buya e biza isixuku, wa ti kuso, Ngi zweni nonke, ni qonde: 15 a kuko'nto e vela ngapandhle ku muntu, e ngena kuye e nga m ngcolisa; kepa oku puma ku muntu yiloko okumngcolisayo umuntu.* 17 Wa t'uba a ngene endhlini e suka esixukwini, abafundi bake ba m buza lo mfanekiso. 18 Wa ti kubo, Kanti nani ni ngabangaqondiyo kanje na? A ni qondi yini, ukuba konke oku ngena ku muntu ku vela ngapandhle, ku nge m ngcolise; 19 ngokuba ku nga ngeni enhliziyweni yake, ku ngena esiswini, ku pumele ngapandhle na? wa sho loku, e hlambulula ukudhla konke. 20 Wa ti, Oku puma ku muntu yiloko okumngcolisayo umuntu. 21 Ngoba ku puma ngapakati, enhliziyweni yabantu, imicabango emibi, ubufebe, ukweba, ukubulala, ukupinga, 22 ukufisa, ukushinga, ukukohlisa, ukunqwenela, iso elibi, ukuhlambalaza, ukuzidhla, ubupukupuku: 23 konke lok'okubi ku vela ngapakati, ku ngcolisa umuntu.

24 W'esuka lapo, wa ya emikaulweni ya seTire neSidon. Wa ngena endhlini, a ka tanda ukwaziwa muntu; noko wa e nge na kusiteka. 25 Kepa masinyane owesifazana, o ndodakazi yake encane i nomoya ongcolileyo, e se zwile ngaye, w'eza wa wa ezinyaweni zake. 26 Lo wesifazana wa e ngumGreki, umSirofenike ngokuzalwa. Wa m nxusa ukuba a kipe

* v 16 Leli verse li sala ngoba li ngeko ezincwadini ezona zi ndala kakulu : Uma umuntu e nezindhlebe zokuzwa a k'ezwe.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

idemone endodakazini yake. 27 Wa ti ke kuye, Ma ke ku sute abantwana kuqala: ngoba a ku fanele ukuba ku tatshatwe isinkwa sabantwana si ponswe ezinjeni. 28 Kepa wa pendula wa ti kuye, Yebo, Nkosi, kantike nezinja pansi kwetafula zi ya dhla imvutuluka yabantwana. 29 Wa s'e ti kuye, Nga loku kusho hambake; idemone li pumile endodakazini yako. 30 W'emuka wa ya endhlini yake, wa fumana umntwana e lele embedeni, idemone li pumile.

31 Wa buya wa puma emikaulweni ya seTire, wa dabula eSidon, wa ya elwandhle lwa seGalile, pakati kwemikaulo yeDekapoli. 32 Ba se be yisa kuye isitulu esishwashwazayo; ba m ncenga ukuba a beke isandhla pezu kwaso. 33 Wa si kipa esixukwini sa sodwa, wa faka iminwe yake ezindhlebeni zaso, wa fela amate, wa tinta ulimi lwaso; 34 wa bheka ezulwini, wa bubula, wa ti kuso, Efata, oku ukuti, Vuleka. 35 Za se zi vuleka izindhlebe zaso, isibopo solimi lwaso sa tukuluka, sa kuluma si pumesela. 36 Wa s'e ba yalisisa ukuba ba nga tsheli muntu: kepa ngokuba yalisisa kwake kwa ba ikona be ku shumayela kakulu impela. 37 Ba shaqeka kakulu kabi, be ti, U kwenzile konke kahle; w'enze nezitulu zi zwe, nezimungulu zi kulume.

8 Nga leyo mihla, se ku kona futi isixuku esikulu, si nge na luto lokudhliwa, wa biza abafundi bake, wa ti kubo, 2 Ngi nesihe ngesixuku, ngoba se ku izinsuku ezintatu si hlezi nami, si nge na luto lokudhliwa: 3 uma ngi ba mukisela emakaya abo be nga dhlanga, ba ya kuti yetelele endhleleni; loku abanye kubo ba vela kude. 4 Abafundi bake ba m pendula ba ti, Umuntu a nga tatapi amandhla lapa ehlane okusutisa ngesinkwa laba na? 5 Wa ba buza wa ti, Ni nezinkwa ezingapi na? Ba ti, Zi isikombisa. 6 Wa yala isixuku ukuba si hlale pansi emhlabatini: wa tabata izinkwa ezi isikombisa, wa bonga, wa zi hlepula, wa nika abafundi bake, ukuba ba zi beke pambi kwabo; ba zi bekake pambi kwesixuku. 7 Ba be nezinhlanzana ezi ingcozana: e se zi busisile, wa sho ukuba nazo zi bekwe pambi kwabo. 8 Ba dhlake, b'esuta: ba cosha amavutuluka aseleyo onyazi aba isikombisa. 9 Ba be nga ba izinkulungwane ezine: wa ba mukisa. 10 Wa se e ngena masinyane esikebheni nabafundi bake, w'eza kwela seDalmanuta.

11 Kwa puma abaFarisi, ba qala ukubuzana naye, be funa kuye isibonakaliso esi vela ezulwini, be m linga. 12 Wa bubula kakulu emoyeni wake, wa ti, Lesi sizukulwane si funelani isibonakaliso na? ngi qinisile ngi ti kini, Lesi sizukulwane a si yi kunikwa isibonakaliso. 13 Wa s'e ba shiya, wa ngena futi esikebheni w'emuka wa ya ngapesheya.

14 Kepa ba be kohliwe ukupata izinkwa; ba be nge na luto esikebheni kupela isinkwa si sinye. 15 Wa ba yalisisa, wa ti, Bhekani, ni xwaye imvubelo yabaFarisi, nemvubelo ka Herode. 16 Ba se be zindhlisana, ba ti, A si na zinkwa. 17 UJesu e kwazi wa ti kubo, Yini ukuba ni zindhle ngokuti a ni na zinkwa? a ni ka qondi, a ni k'ezwisisi? ni se nenhliziyo yenu etuntubezekileyo na? 18 Ni ti ni namehlo, a ni boni na? ni ti ni nezindhlebe, a ni zwa na? 19 Msukwana ngi hlepulela izinkwa ezi isihlanu aba izinkulungwane ezi isihlanu, na cosha amaqoma amangapi e gcwele amavutuluka na? Ba ti kuye, Ishumi nambili. 20 Namsukwana kwezi isikombisa kwaba izinkulungwane ezine, na cosha onyazi abangapi be gcwele amavutuluka na? Ba ti kuye, Isikombisa. 21 Wa ti kubo, A ni ka qondike na?

22 Ba fikake eBetesayida. Ba leta kuye impumpute, ba m ncenga ukuba a yi namate. 23 Wa yi bambake impumpute ngesandhla, wa yi holela ngapandhle kwomzana; wa fela qede amate emehlweni ayo, wa beka izandhla pezu kwayo, wa yi buza, wa ti, U bona luto nje na? 24 Ya buka ya ti, Ngi bona abantu; ngoba ngi ba bona ngokungati imiti ehambayo. 25 Wa s'e buya e beka izandhla pezu

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kwamehlo ayo; ya bhekisisa, ya pinda ya ba njenga kuqala, ya bonisisa konke. **26** Wa yi tumela ekaya layo, wa ti, U nga ngeni na semzini.

27 Wa s'e puma uJesu, kanye nabafundi bake, wa ya emizini ya se-Kesariya Filipi: be sendhleleni wa buza abafundi bake, e ti kubo, Abantu ba ti ngi ngubani na? **28** Ba m tshela, ba ti, UJohane umBapatizi; abanye ba ti, uElija; kepa abanye ba ti, Omunye wabaprofeti. **29** Wa ba buza wa ti, Po nina ni ti ngi ngubani na? UPetro wa pendula wa ti kuye, U nguKristu. **30** Wa ba yalisisa ukuba ba nga tsheli muntu ngaye.

31 Wa qala ukubafundisa, ukuti, iNdodana yomuntu i melwe ukuhlupeka ngokuningi, i nqatshwe amalunga, nabapristi abakulu, nababhali, i bulawe, i buye i vuke ngasemva kwezinsuku ezintatu. **32** Leli zwi wa li kuluma ngokucacileyo. UPetro wa m tabata, wa qala ukumkuza. **33** Kepa e se penduka, e bona abafundi bake, wa kuza uPetro, e ti, Suka u ye emva kwami, Satane; ngokuba a u naki oku ka Nkulunkulu, u naka okwabantu. **34** Wa s'e biza isixuku nabafundi bake, wa ti kubo, Uma umuntu e tanda ukuza emva kwami, ka zidele, a tabate isipambano sake, a ngi landele. **35** Ngokuba o tanda ukusindisa ukupila kwake u ya kulahlekelwa iko: kepa o lahlekelwa ukupila kwake ngenxa yami neyevangeli u ya kukusindisa. **36** Ku m siza nga kupi umuntu, ukuzuza umhlaba wonke, a punyukwe ukupila kwake na? **37** Ngoba umuntu a nga kipani ukuba enane ukupila kwake? **38** Ngokuba lowo o ya kuba nezinhloni ngami na ngamazwi ami ku lesi sizukulwane esipingayo nesonayo, iNdodana yomuntu i ya kuba nezinhloni ngaye, lapo i za ngobukosi bu ka Yise kanye nezingelosi ezingcwele. **1** Wa ti kubo, Ngi qinisile ngi ti kini, Ba kona lapa abanye kwabemiyo, aba nga yi kuzwa neze ukufa, ba ze ba bone umbuso ka Nkulunkulu u za u namandhla.

2 Emva kwezinsuku ezi isitupa uJesu wa tabata uPetro, noJakobe, noJohane, wa kupukela nabo entabeni epakamileyo be bodwa: wa s'e penduka esinye isimo pambi kwabo; **3** izingubo zake za bengezela, za ba mhlope qwa, ngangoba a kuko emhlabeni umhlanzi o nga z'enza zi be mhlope kangaka. **4** Kwa bonakala kubo uElija noMoses: ba be kuluma noJesu. **5** Wa pendula uPetro wa ti ku Jesu, Rabi, kuhle ukuba si be lapa: a s'ake amadokodo amatatu: elinye li be elako, nelinye li be eli ka Moses, nelinye li be eli ka Elija. **6** Ngokuba wa e ng'azi a nga pendula ngako: ngokuba ba ba nokwesaba okukulu. **7** Kwa se ku fika ifu li ba sitibeza: kwa vela izwi efwini, la ti, Lo yiNdodana yami etandiweyo: yi zweni. **8** Kwa ti dukuduku be sa qalaza, a ba be be sa bona muntu, kupela uJesu yedwa kanye nabo.

9 Se b'ehla entabeni, wa ba yala ukuba ba nga baliseli muntu ngezinto abazibonileyo, kupela nxa se i ze ya vuka kwabafileyo iNdodana yomuntu. **10** Ba li bambake leli zwi, ba buzana bodwa ngokuti ku sho ukutini ukuvuka kwabafileyo. **11** Ba m buza, ba ti, Ku ngani ukuba ababhali ba ti ku melwe ukuba ku fike uElija kuqala na? **12** We s'e ti kubo, UElija kambe u y'eza kuqala, a buyisele konke kokwa ku yiko: ku lotshiwe kanjani ngeNdodana yomuntu ukuti i ya kuhlupeka ngokuningi i delelwe? **13** Kepa ngi ti kini, uElija u se fikile; b'enze kuye abakutandayo, njeng'okulotshiweyo ngaye.

14 Ba ti ukufika ku bafundi, ba bona isixuku esikulu si ba haqile, nababhali be buzana nabo. **15** Isixuku sa m bona qede, sa shaywa uvalo, sa gijimela kuye sa m bingelela. **16** Wa ba buza wa ti, Ni buzana nabo nga ntoni na? **17** Kwa pendula omunye esixukwini wa ti, Mfundisi, ngi lete indodana yami kuwe, e nomoya o isimungulu; **18** lapa u yi bamba kona, u yi sansalaza pansi: i kihlize amagwebu, i dhle amazinyo, i zace: ngi kulume ku bafundi bako ukuba ba wu kipe; ba be nge nama-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U pilisa umfana o nesitutwane. Ubani omkulu. Izikubekiso.

ndhla. 19 Wa ba pendula wa ti, Au sizukulwane esingakolwayo, ko za ku be nini ngi nani na? ko za ku be nini ngi ni bekezelela na? m leteni kimi. 20 Ba m leta kuye: se e m bona, wa se u m gongobalisa umoya kakulu; wa wa pansi, wa bukuzeka e kihliza amagwebu. 21 Wa buza ku yise ukuti, Isikati se si ngakanani seloku kwa m fikela loku na? Wa ti, Seloku wa ba umntwana. 22 U m ponse futifuti emlilweni na semanzini, ukuba u m bubise: kodwa uma u namandhla okwenza uto, yiba nesihe ngati, u si size. 23 UJesu wa ti kuye, Uma u namandhla! Konke ku ng'enzeka kokolwayo. 24 Wa s'e dazuluka uyise womntwana, wa ti, Ngi ya kolwa; siza ukungakolwa kwami. 25 Wa ti uJesu ukubona ukuti isixuku si gijimela ndawonye, wa kuza umoya ongcolileyo, wa ti kuye, Wena moya o isimungulu nesitulu, ngi ya ku yala, puma kuye, u nga be u sa ngena kuye. 26 Se u dazulukile, wa m gongobalisa kabi wa puma: umfana wa ba njeng'ofileyo: ba ze abaningi ba ti, U se file. 27 Kepa uJesu wa m bamba ngesandhla, wa m vusa; wa sukuma. 28 Ku te e se ngenile endhlini, abafundi bake ba m buza, be bodwa ba ti, Tina be si nge wu kipe ngani na? 29 Wa ti kubo, Lolu hlobo lu nge pume nga luto kupela ngokutandaza.

30 B'emuka lapo, ba dabula eGalile; wa e nga tandi ukuba kwaziwe umuntu. 31 Ngokuba wa e fundisa abafundi bake, e ti kubo, iNdodana yomuntu i kashelwa ezandhleni zabantu, ba ya kuyibulala; se i bulewe, i ya kubuya i vuke emva kwezinsuku ezintatu. 32 Kepa a b'ezwisisanga loku kusho, b'esaba nokumbuza.

33 Ba fikake eKapernaum: e se sendhlini wa ba buza wa ti, Be ni zindhlisana ngantoni endhleleni na? 34 Kepa ba tula: ngoba ba be pikisana endhleleni, ngokuti ubani omkulu. 35 Wa s'e hlala pansi, wa biza aba ishumi nambili; wa ti kubo, Uma umuntu e tanda ukuba owokuqala, ma ka be owokugcina kubo bonke, nesikonzi sabo bonke. 36 Wa tabata umntwana, wa m misa pakati kwabo; wa m gona, wa ti kubo, 37 O ya kwamkela noma e munye wabantwana aba nje ngegama lami, wamkela mina: naye o wamkela mina, a k'amkeli mina, wamkela owangitumayo.

38 UJohane wa s'e ti kuye, Mfundisi, sa bona umuntu e kipa amademone ngegama lako; sa m nqabela, ngokuba e nga si landeli. 39 Kepa uJesu wa ti, Ni nga m nqabeli: ngokuba a kuko muntu o wenza umsebenzi wamandla ngegama lami, o nga suka masinya a kulume kabi ngami. 40 Ngoba o nga melani nati u mi nati. 41 Ngokuba lowo o ni puzisa indebe yamanzi, ngegama lokuba ni ngaba ka Kristu, ngi qinisile ngi ti kini, a ka soze a lahlekelwa umvuzo wake. 42 N'o kubekisa omunye wa laba abancinyane aba kolwa yimi, nga ku kuhle ku yena ukuba itshe lokusila elikulu li gaxwe entanyeni yake, a ponswe elwandhle. 43 Umake isandhla sako si ku kubekisa, si nqume: kuhle kuwe ukungena ekupileni u isilima, kunokuba u ti u nezandhla ezimbili u ye egehena, emlilweni ongacimekiyo. 45 Uma unyawo lwako lu ku kubekisa, lu nqume: kuhle kuwe ukungena ekupileni u unyonga, kunokuba u ti u nezinyawo ezimbili u ponswe egehena.* 47 Noma iso lako li ku kubekisa, li kipe: kuhle kuwe ukungena embusweni ka Nkulunkulu u'so linye, kunokuba u ti u namehlo amabili u ponswe egehena; 48 lapo impetu yabo i nga fi, nomlilo u nga cimi. 49 Ngokuba bonke ba ya kugqunyiswa ngomlilo. 50 Usaoti u lungile: kepa uma usaoti e nga se na busaoti, ni ya kumyolisa ngani na? Ma ni be nosaoti pakati kwenu, ni hlale ngokutula omunye nomunye.

10 W'esuka lapo, wa ya emikaulweni ya seJudiya, na ngapesheya kweJordan: kwa butana izixuku kuye futi; wa pinda wa ba fundisa njeng'akujwayeleyo.

2 Kwa se ku fika kuye abaFarisi,

* Amaverse u44 no46 a se sele. A fana no48, futi a wako ezincwadini oku izona zi ndala.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ba m buza be ti, Ku vumekile yini ukuba indoda i lahle umkayo? be m linga. 3 Wa pendula wa ti kubo, UMoses wa ni yala ngokutini na? 4 Ba ti ke, UMoses wa vuma ukuba ku lotshwe incwadi yokwahlukanisa, a lahlwe. 5 Kepa uJesu wa ti kubo, Ngobulukuni benhliziyo yenu wa ni lobela lo myalo. 6 Kepa ku sukela ekuqaleni kwokudaliweyo, wa b'enza ba ba owesilisa nowesifazana. 7 Ngenxa ya loku umuntu u ya kushiya uyise nonina, a namatele ku mkake; 8 labo babili ba ya kuba inyamanye: ngakoke a ba se babili, se be inyamanye. 9 Ngakoke loko uNkulunkulu akubangqanisileyo, ma ku ng'ahlukaniswa umuntu. 10 Endhlini abafundi ba buya ba m buza nga loko. 11 Wa ti kubo, Lowo o lahla umkake, a ganwe omunye, u ya pinga kuye: 12 naye uma e lahla umyeni wake, a gane omunye, u ya pinga.

13 Ba be leta abantwana kuye, ukuba a ba namate: abafundi ba ba kuza. 14 Kepa uJesu e bona loko, wa casuka, wa ti kubo, Vumelani abantwana b'eze kimi; ni nga ba nqabeli: ngokuba umbuso ka Nkulunkulu u ngowabanjalo. 15 Ngi qinisile ngi ti kini, Lowo o ng'amkeli umbuso ka Nkulunkulu njengomntwana, a ngeke a ngene kuwo. 16 Wa ba gona, wa ba busisa, e beka izandhla pezu kwabo.

17 E sa puma ukuya endhleleni, kwa gijimela kuye umuntu, wa guqa ngamadolo kuye, wa m buza e ti, Mfundisi olungileyo, ngi ng'enzani ukuba ngi ku dhle ubufa ukupila okumiyo njalo na? 18 UJesu wa ti kuye, U ngi bizelani ngokuti ngi lungile na? a kako olungileyo munye kupela, uNkulunkulu. 19 U ya y'azi imiyalo, Mus'ukubulala, Mus'ukupinga, Mus'ukweba, Mus'ukufakaza okwamanga, Mus'ukuqilizela umuntu, Hlonipa uyihlo nonyoko. 20 Wa s'e ti kuye, Mfundisi, konke loku ngi ku londile kwa sebusheni bami. 21 UJesu e m bheka, wa m tanda, wa ti kuye, U sa silalele into inye: hamba, u tengise ngako konke o nako, u pe abampofu, wo ba nengcebo ezulwini: u ze pela u ngi landele. 22 Kepa wa nyukumala nga lelo lizwi, w'emuka e dabukile: ngokuba wa e ngo nemfuyo eningi.

23 UJesu wa qalaza, wa ti ku bafundi bake, Ku lukuni kangakanana kubo aba nemfuyo ukungena embusweni ka Nkulunkulu! 24 Abafundi ba shaywa uvalo ngamazwi ake. Kepa uJesu wa buya wa pendula, wa ti kubo, Bantwana, ku lukuni kangakanani kwab'etemba imfuyo ukungena embusweni ka Nkulunkulu! 25 Ku lula ukuba ikameli li ngene entunjeni yosungulo, kunokuba ocebileyo a ngene embusweni ka Nkulunkulu. 26 Ba shaqeka kakulu, ba ti kuye, Po ubani o nga sindiswa na? 27 UJesu e ba bheka wa ti, Ku bantu a ku na kwenzeka, kepa a ku njalo ku Nkulunkulu: ngokuba ku Nkulunkulu ku ng'enzeka konke. 28 UPetro wa s'e qala ukuti kuye, Bheka, tina si shiye konke, sa ku landela. 29 UJesu wa ti, Ngi qinisile ngi ti kini, A kuko muntu o shiye indhlu, nabafo wabo, na odade wabo, nonina, noyise, nabantwana, namazwe, ngenxa yami, na ngenxa yevangeli, 30 o nga yi kwamkeliswa ka likulu manje ku lesi sikati, izindhlu, nabafo wabo, na odade wabo, na onina, nabantwana namazwe, kanye nokuzingelwa; na sezweni elizayo ukupila okumiyo njalo. 31 Kepa abaningi aba ngabokuqala bo ba abokugcina; nabokugcina bo ba abokuqala.

32 Ba be sendhleleni, b'enyukela eJerusalem; uJesu wa e hamba pambi kwabo: ba shaywa uvalo; aba be m landela b'esaba. Wa buya wa tabata aba ishumi nambili, wa qala ukubatshela izinto ezi ya kumehlela, 33 wa ti, Bhekani, s'enyukela eJerusalem; iNdodana yomuntu i ya kukashelwa ku bapristi abakulu nababhali; ba ya kuyilahla ukuba i fe, ba yi kapele kwabezizwe: 34 ba ya kudhlala ngayo, ba yi kafulele, ba yi baxabule, ba yi bulale; kepa emva kwezinsuku ezintatu yo buya i vuke.

35 Kwa sondezela kuye uJakobe noJohane, amadodana ka Zebedi, ba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ti kuye, Mfundisi, si funa ukuba u s'enzele loko esi za kukucela kuwe. 36 Wa ti kubo, Ni funa ukuba ngi n'enzele ntoni na? 37 Ba ti kuye, Si pe ukuba si hlale, omunye ngakwesokunene sako, omunye ngakwesokohlo sako, ebukosini bako. 38 Kepa uJesu wa ti kubo, A ni kwazi enikucelayo. Ni nga puza indebe engiyipuzayo na? ni bapatizwe ngobapatizo engi bapatizwa ngalo na? 39 Ba ti kuye, Si nga kwenza. UJesu wa ti kubo, Ni ya kupuzake indebe engiyipuzayo; ni bapatizwe ngobapatizo engi bapatizwa ngalo: 40 kepa ukuhlala ngakwesokunene sami na ngakwesokohlo a siko okwami ukupa ngako; ku ngokwa labo abakulungiselweyo. 41 Ba ti ukuzwa loko aba ishumi, ba qala ukucasuka ngoJakobe noJohane. 42 UJesu wa ba bizake, wa ti kubo, Ni y'azi ukuba labo oku tiwa ba ya busa izizwe ba z'enza amakosi pezu kwazo; nabakulu bazo ba namandhla pezu kwazo. 43 Kepa a ku njalo pakati kwenu: kodwa o funa ukuba mkulu pakati kwenu, ka be isikonzi senu; 44 n'o funa ukuba owokuqala pakati kwenu, ka be isigqili sabo bonke. 45 Ngokuba iNdodana yomuntu nayo a i zanga ukukonzwa, i ze ukukonza, nokunika ukupila kwayo ku be okokuhlenga abaningi.

46 Ba fikake eJeriko: se e puma eJeriko nabafundi bake nesixuku esikulu, umfo ka Timeo, uBartimeo, impumpute, e isipanzi wa e hlezi nga sendhleleni. 47 Wa ti ukuzwa ukuti nguJesu wa seNazareta, wa qala ukudazuluka, e ti, Jesu, Ndodana ka Davida, ngi haukele. 48 Ba m kuza abaningi, ukuba a tule: kepa kwa ba ikona e dazuluka kakulu, e ti, Ndodana ka Davida, ngi haukele. 49 UJesu w'emake, wa ti, M bizeni. Ba yi bizake impumpute, be ti kuyo, Yima isibindi: sukuma, u ya ku biza. 50 Ya se i lahla ingubo yayo, ya ti lotu, ya ya ku Jesu. 51 UJesu wa yi pendula, wa ti, U funa ukuba ngi kwenzele ntoni na? Ya ti impumpute kuye, Rabboni, ukuba ngi bone. 52 Wa ti kuyo uJesu, Hamba; u sindiswe ukukolwa kwako. Ya se i bona, ya m landela endhleleni.

11 Ba t'uba ba sondele eJerusalem, eBetfage neBetani, nga sentabeni yemiNqumo, wa tuma ababili babafundi bake, 2 wa ti kubo, Hambani ni ye emzaneni o bhekene nani: no ngena kuwo qede, ni fumane itole lembongolo li kulekiwe, oku nga ka ze ku hlale kulo umuntu; li tukululeni ni li lete. 3 Uma ku kona o ti kini, Ni kwenzelani loku? a no ti, INkosi i ya li dinga; i za kulibuyisela lapa masinya. 4 Ba hambake, ba fumana itole li kulekiwe nga sesangweni ngapandhle esitaladini: ba li tukulula. 5 Abanye kwab'emi lapo ba ti kubo, N'enzani ukutukulula itole? 6 Ba sho kubo njengokusho ku ka Jesu: ba ba yeka. 7 Ba leta itole ku Jesu, ba ponsa izingubo zabo pezu kwalo: wa hlala pezu kwalo. 8 Abaningi b'endhlala izingubo zabo endhleleni; abanye amahlamvu, abawagaulayo endhle. 9 Aba be hamba ngapambili, naba be landela, ba memeza, be ti, Hozana; Ma ka bongwe ozayo egameni leNkosi: 10 a ku bongwe umbuso ozayo, umbuso ka Davida ubaba: Hozana kwelipezulu.

11 Wa s'e ngena eJerusalem na setempelini; e se qalaze izinto zonke, se ku isikati sokuhlwa, wa puma wa ya eBetani kanye naba ishumi nambili.

12 Ngangomso, ekupumeni kwabo eBetani, wa lamba. 13 Wa bona umkiwane u kude u namaqabunga, wa ya, e ti kumbe a nga fumana uto kuwo: la se e fikile kuwo, a ka fumananga luto amaqabunga kupela; ngokuba kwa ku nge siso isikati samakiwane. 14 Wa pendula wa ti kuwo, A ku nga be ku sa dhla muntu izitelo zako ku ze ku be nini. Abafundi bake b'ezwa.

15 Ba fikake eJerusalem: wa ngena etempelini, wa qala ukukipa abatengisayo nabatengayo etempelini, wa gumbuqela amatafula aba tshintshisa imali, nezihlalo zaba tengisa ngamajuba; 16 a ka vuma nokuba umuntu a dabule etempelini e twele isi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

tsha. 17 Wa fundisa, wa ti kubo, A ku lotshiwe yini ukuti, Indhlu yami i ya kutiwa indhlu yokutandaza yezizwe zonke kodwa nina ni y'enze umhume wezigcwelegcwele. 18 Abapristi abakulu nababhali b'ezwa, ba funa ukuba ba nga m bubisa kanjani: ngokuba ba m esaba, loku isixuku sonke sa shaqeka ngokufundisa kwake.

19 Kwa ku t'uma se ku hlwa njalo a pume emzini.

20 Kusasa be dhlula, ba bona umkiwane u bunile ku sukela ezimpandeni. 21 UPetro e kumbula wa ti kuye, Rabi, nanku umkiwane owuqalekisileyo u su bunile. 22 UJesu wa pendula wa ti kubo, Yibani nokukolwa ku Nkulunkulu. 23 Ngi qinisile ngi ti kini, Lowo o ya kuti ku le ntaba, Nqukuleka u ponseke elwandhle; e nga ngabazi enhliziyweni yake, e kolwa ukuti loku akushoyo ku y'enzeka; u ya kuba nako. 24 Ngaloku ngi ti kini, Konke loko enikucelayo ni tandaza, kolwani ukuba ni ya kukutola ni ya kuba nako. 25 Inxa ni mi ni tandaza, tetelelani, uma ni noto ngomuntu; ukuba no-Yihlo o sezulwini a ni tetelele izipambuko zenu.*

27 Ba buya ba fikake eJerusalem: e sa hambahamba etempelini, kw'eza kuye abapristi abakulu, nababhali, namalunga; 28 ba ti kuye, Lezi zinto u z'enza ngamapi amandhla na? ubani o ku nike lawa mandhla okwenza lezi zinto na? 29 UJesu wa ti kubo, Nami ngi za kunibuza izwi li be linye, ni ngi pendule, be se ngi ni tshela amandhla eng'enza ngawo lezi zinto. 30 Ubapatizo lu ka Johane, lwa vela ezulwini, nokuba ku bantu na? Ngi penduleni. 31 Ba zindhlisana bodwa ba ti, Uma si ti, Ezulwini; u za kuti, Po a ni kolwanga uye ngani? 32 Kepa uma si ti, Ku bantu—b'esaba abantu: ngokuba bonke ba ti uJohane wa e ugumprofeti isibili. 33 Ba m pendulake uJesu, ba ti, A s'azi. UJesu wa s'e ti kubo, Namike a ngi ni tsheli amandhla eng'enza ngawo lezi zinto.

12 Wa qala ukukuluma kubo ngemifanekiso e ti, Umuntu wa tshala isivini, wa si biyela ngotango, w'emba isikongozelo sesikamo sevini, w'aka umboshongo, wa qashisa ngaso ku balimi, wa hamba wa ya kwelinye izwe. 2 Ngenkati efaneleyo wa tuma isigqili ku balimi, ukuba si tabate ku balimi okwezitelo zesivini. 3 Ba si bamba, ba si shaya, ba si mukisaze. 4 Wa buya wa tumela kubo esinye isigqili; lesoke ba si limaza ekanda, ba si tunisa. 5 Wa tuma nesinye; leso ke ba si bulala: nezinye eziningi; ezinye ba zi shaya, ezinye ba zi bulala. 6 Wa e se nayo indodana inye, etandekayo: wa yi tumela kubo ngokwokugcina, e ti, Ba ya kuyihlonipa indodana yami. 7 Kepa labo balimi ba kuluma bodwa ba ti, Yindhlalifa le; zanini, si yi bulale, ifa li be eletu. 8 Ba se be yi tata, ba yi bulala, ba yi kipela ngapandhle kwesini. 9 Poke u ya kwenzani umninisivini na? u ya kufika a ba bubise laba balimi, a nike abanye isivini. 10 A ni fundanga yini lo mbahlo oti:

Itshe abalinqabayo abaki,
Ilona e se la ba inhloko yegumbi;
11 Loku kwa vela eNkosini,
Ku ummangaliso emehlweni etu?

12 Ba se be funa ukumbamba; kepa b'esaba isixuku; ngoba b'azi ukuba u kulume lo mfanekiso ngabo: ba m shiyake, b'emuka.

13 Ba tuma kuye abanye baba-Farisi naba nga ku Herode, ukuba ba m bhabise ekukulumeni. 14 Kwa t'uba ba fike, ba ti kuye, Mfundisi, si y'azi ukuba u qinisile, a u katali na ngobani; ngokuba a u naki ubuso babantu; u fundisa indhlela ka Nkulunkulu ngeqiniso: Ku vumekile yini ukutela ku Kesari, nokuba a ku vumekile na? 15 Si tele, kumbe si nga teli yini na? Kepa e kwazi ukuzenzisa kwabo, wa ti kubo, Ni ngi lingelani na? letani kimi udenario ukuba ngi m bone. 16 Ba m letake. Wa ti kubo, Ngesi ka bani lesi sifanekiso na lo mbhalo na? Ba ti kuye,

* Kwezinye izincwadi ezindala zesi Greki ku kona v. 26: Kepa uma ni nga teteleli, noyihlo o sezulwini a ka yi kunitetelela izipambuko zenu. Matt 6: 15; 18: 35.

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imibuzo; ngokutela; ngokuvuka; ngomteto omkulu; umbuzo ka Jesu.

Esi ka Kesari. 17 UJesu wa ti kubo, M nikeze uKesari oku ka Kesari, noNkulunkulu oku ka Nkulunkulu. Ba mangala kakulu ngaye.

18 Kwa se ku fika kuye abaSadusi, aba ti a kuko ukuvuka, ba m buza, be ti, 19 Mfundisi, uMoses wa si lobela ukuti, Uma umfo wabo womuntu e fa, a shiye umkake, e nga shiyi abantwana, umfo wabo ma ka tabate umkake, a vusele umfo wabo inzalo. 20 E, kwa ku kona izelamani ezi isikombisa; owokuqala wa tata, wa fa e nga shiyi inzalo; 21 owesibili wa m tabata, naye wa fa, e nga shiyi inzalo; nowesitatu wenze njalo: 22 njaloke aba isikombisa a ba shiyanga nzalo. Ukugcina kwabo bonke wa fa naye owesifazana. 23 Po ekuvukeni wo ba umka bani kubo na? loku bosikombisa ba be naye e ngumkabo. 24 UJesu wa ti kubo, A ngi ti n'edukile ngaloku kokuba ni nga y'azi imibhalo, namandhla ka Nkulunkulu? 25 Ngokuba lapo se be vuka kwabafileyo, a ba ganwa, a b'endiswa; ba njengezingelosi ezulwini. 26 Kepa ngokwabafileyo, ukuti ba ya vuswa; a ni fundanga yini encwadini ka Moses, endaweni e kuluma ngesihlahla, ukuti uNkulunkulu wa kuluma kuye, e ti, Ngi nguNkulunkulu ka Abraham, noNkulunkulu ka Isaka, noNkulunkulu ka Jakobe? 27 A siye uNkulunkulu wabafileyo, u ngowabapilayo: ni y'eduka kakulu.

28 Kwa se ku fika omunye wababhali, wa b'ezwa be buzana, e bona ukuba u ba pendule kahle, wa m buza, wa ti, Umupi umyalo wokuqala kuyo yonke na? 29 UJesu wa pendula, wa ti, Owokuqala ngowokuti, Yizwa, Israeli; iNkosi uNkulunkulu wetu, yiNkosi inye: 30 wo tanda iNkosi uNkulunkulu wako ngenhliziyo yonke yako, na ngompefumulo wonke wako, na ngengqondo yonke yako, na ngamandhla onke ako. 31 Owesibili yilo, Wo tanda umakelwane wako njengokuzitanda kwako. A kuko omunye umyalo omkulu kuna le. 32 Umbhali wa ti kuye, Yeboke, Mfundisi, u shilo iqiniso ukuti munye yena; kako omunye ngapandhle kwake: 33 ukumtandake yena ngenhliziyo yonke, na ngokuqonda konke, na ngamandhla onke, nokutanda umakelwane wake njengokuzitanda kwake, ku dhlula yonke iminikelo yokushiswa nemihlatshelo. 34 UJesu e bona ukuba u pendule ngokuqika, wa ti kuye, A u kude nombuso ka Nkulunkulu. A kwa be ku sa bako muntu o nesibindi sokumbuza.

35 UJesu, e fundisa etempelini, wa pendula wa ti, Ababhali ba sho ngani ukuti uKristu u yindodana ka Davida? 36 UDavida uqobo lwake wa ti ngoMoya oNgcwele,

Ya ti iNkosi eNkosini yami,
Hlala ngakwesokunene sami,
Ngi ze ng'enze izita zako zi be isenabelo sezinyawo zako.

37 UDavida uqobo lwake u m biza ngokuti iNkosi; po ku velapi ukuba a be indodana yake na? Imifundake ya mu zwa ngokujabula.

38 Ekufundiseni kwake, wa ti, Xwayani ababhali, aba tanda ukuhamba be gqoke izingubo ezinde, nokubingelelwa ezindaweni zokubutana, 39 nezihlalo ezi pambili emasinagogeni, nezindawo ezi pambili ekudhleni: 40 aba dhla izindhlu zabafelokazi, na ngokumbuluza ba tandaza isikati eside; laba ba ya kwamkeliswa ukulahlwa okukulu.

41 Wa hlala pansi malungana nendawo yeminikelo, wa bheka isixuku ukuponsa kwaso imali eminikelweni: abaningi abacebileyo ba ponsa kakulu. 42 Kwa se ku fika umfelokazi ompofu, wa ponsa imalana embili, e yenza ifadingi. 43 Wa biza abafundi bake, wa ti kubo, Ngi qinisile ngi ti kini, Lo mfelokazi ompofu u ponse ngapezu kwabo bonke abaponsayo eminikelweni: 44 ngokuba bonke ba ponsa ngokucicima kwabo; kepa yena ngokuswela kwake u ponse konke a nako, konke a be pila ngako.

13 Ku te e puma etempelini, omunye wabafundi bake wa ti kuye, Mfundisi, bheka ukuma kwa la matshe nokuma kwa lezi zakiwo. 2 UJesu wa ti kuye, U ya bona lezi za-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kiwo ezinkulu na? a ku yi kushiywa lapa itshe pezu kwetshe, eli nga yi kuwiswa pansi.

3 E sa hlezi entabeni yemiNqumo malungana netempeli, uPetro noJakobe noJohane noAndreya ba m buza be bodwa, 4 ba ti, Si tshele, loku ko ba nini na? nesibonakaliso so ba yini lapo se ku za kufezeka konke loku na? 5 UJesu wa qala ukuti kubo, Qapelani ukuba ni ng'edukiswa muntu. 6 Ku ya kuza abaningi ngegama lami, be ti, Ngi nguye; b'eduse abaningi. 7 Inxa ni zwa izimpi namahemuhemu ezimpi, ni nga bi na vuso: ku melwe ukuba kwenzeke loku; kepa ukupela ko be ku nga ka biko. 8 Ngoba isizwe siya kuvukela isizwe, nombuso u vukele umbuso; ku ya kuba kona ukuzamazama kwomhlala izindawo ngezindawo; ku be kona indhlala: lezi zinto zi ukuqala kwenimba.

9 Ziqapelenike nina: ngokuba ba ya kunikapela emipakatini; ni ya kushaywa emasinagogeni; ni ya kumiswa pambi kwababusi namakosi ngenxa yami, ku be ubufakazi kubo. 10 Nevangeli li melwe ukushunyayelwa kuqala ezizweni zonke. 11 Ko ti uma be ni quba, ba ni kapele, ni nga piseki ngapambili ng'eni ya kukukuluma: kodwa loko eni ya kukunikwa nga leso sikati, ku kulumeni loko; ngoba a si nina enikulumayo, ku kuluma uMoya oNgcwele. 12 Umfo wabo u ya kukapela umfo wabo ekufeni, uyise umntanake; abantwana ba ya kuvukela abazali, ba ba bulale. 13 Ni ya kuzondwa abantu bonke ngenxa yegama lami: kodwa okutazelayo ku ze ku be sekupeleni, uyena o ya kusindiswa.

14 Kepa la se ni bona amanyala encitakaliso e mi lapo ku nga fanele (ofundayo a ka qonde), konake aba seJudiya ma ba balekele ezintabeni: 15 o pezu kwendhlu a ng'ehli, a nga ngeni, ukutabata uto endhlini yake: 16 no sensimini a nga buyeli emva ukuyotata ingubo yake. 17 Kepa maye bona abakulelweyo nabancelisayo nga lezo zinsuku! 18 Tandazani ukuba ku nga bi sebusika. 19 Ngokuba lezo zinsuku zi ya kuba ukukatazeka, oku nga zange ku be kona okungako kwa sekuqaleni kwokudaliweyo akudalayo uNkulunkulu ku ze ku be manje, noku nga soze kwa ba kona. 20 Uma iNkosi i nga finyezanga lezo zinsuku, be ku nge sindiswe namunye wenyama yonke; kepa ngenxa yabaketiweyo, ebaketileyo, i zi finyezile lezo zinsuku. 21 Konake uma umuntu e ti kini, Bhekani, nangu uKristu; nokuti nanguya; ni nga kolwa: 22 ngokuba ku ya kuvela oKristu bamanga nabaprofeti bamanga, ba veze izibonakaliso nezimangaliso, ba ze b'eduse abaketiweyo, uma ku ng'enzeka. 23 Kepa qapelani; bhekani, se ngi ni tshelile konke ngapambili.

24 Kepa nga lezo zinsuku, emva kwa loko kukatazeka, ilanga li ya kuba mnyama, nenyanga i nga vezi ukukanya kwayo, 25 nezinkanyezi zi yo be zi wa ezulwini, namandhla a semazulwini a ya kunyakaziswa. 26 Anduba ba boneke iNdodana yomuntu i za ngamafu i namandhla amakulu nobukosi. 27 I bi si tuma izingelosi, i bute abaketiweyo bayo, be vela emimoyeni emine, ku suka emajukujukwini omhlaba ku ze ku be semajukujukwini ezulu.

28 Emkiwaneni a no funda umfanekiso: uma igatsha lawo se li tambile, li hluma amaqabunga, ni y'azi ukuti ihlobo li seduze; 29 kunjaloke nani, nxa ni bona lezi zinto z'enzeka, yazini ukuti u seduze, u semnyango. 30 Ngi qinisile ngi ti kini, Lesi sizukulwane a si yi kudhlula, ku nga k'enzeki loku konke. 31 Ku ya kudhlula izulu nomhlaba: kepa amazwi ami a ka yi kudhlula. 32 Kepa lolo lusuku noma leso sikati a kako osaziyo, qa, nezingelosi ezulwini, neNdodana, uBaba kupela.

33 Qapelani, ni linde ni tandaze: ngokuba ni ng'azi ukuba isikati si ya kuba nini. 34 Ku njengomuntu, e hambela kwelinye izwe, e shiye indhlu yake, wa nika izinceku zake amandhla, ileyo umsebenzi wayo, wa yala umlind'isango ukuba a linde. 35 Li-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ndanike: ngokuba ni ng'azi ukuba inkosi yendhlu i ya kufika nini, noma ngokuhlwa, noma pakati kwobusuku, noma ekukaleni kwequde, noma ekuseni; 36 funa a ni badame a ni fumane ni lele. 37 Loku engi ku sho kinina ngi ku sho kubo bonke, Lindani.

14 Emva kwezinsuku ezimbili kwa ba kona ipasika nesinkwa esi nge na mvubelo: abapristi abakulu nababhali ba funa ukuba ba ng'enze njani ukumbamba ngobuqili, ba m bulale: 2 ngoba ba ti, Ma ku nga bi emkosini, funa mhlaumbe ku be kona ukuxokozela kwabantu.

3 Ku te e seBetani endhlini ka Simon owa e nocoko, e hlezi ekudhleni, kwa fika owesifazana e nomfuma wealabasta wamafuta, inardi lodwa eli nemali eningi; wa qoboza umfuma, wa wa tela ekanda lake. 4 Kepa kwa ku kona abatile abacasukayo bodwa, ba ti, Benzelwani lobu buciticiti bamafuta? 5 Ngokuba lawa mafuta a be nga tengiswa ngoku ngapezu kwa osheleni aba ngamakulu amatatu, ku piwe abampofu. Ba m fuqela. 6 Kepa uJesu wa ti, M yekeni; ni m xobiselani na? u sebenze umsebenzi omuhle kimina. 7 Ngokuba abampofu ni loku ni nabo njalo, inxa ni tandayo ni nga b'enzela okuhle: kepa mina a ni nami njalo. 8 Wenzile a be nako; wandulele ngokugcobela umzimba wami ukumbelwa. 9 Ngi qinisile ngi ti kini, Lapo leli vangeli li za kushunyayelwa kona kuwo wonke umhlaba, ku za kukulunywa na loku akwenzileyo lo wesifazana ku be isikumbuzo ngaye.

10 UJudas Iskariyoti, e ngomunye waba ishumi nambili, wa suka wa ya ku bapristi abakulu, ukuba a m kapele kubo. 11 Ba t'ukuzwa loku, ba tokoza, b'etembisa ukumnika imali. Wa s'e funa ukuba a ngenza tuba lini lokumkapela.

12 Ngosuku lokuqala lwesinkwa esi nge na mvubelo, lapo kwa ku hlatshwa ipasika, abafundi bake ba ti kuye, U tanda ukuba si ye si lungiselepi ukuba u dhle ipasika na? 13 Wa tuma ababili ku bafundi bake, wa ti kubo, Hambani ni ye emzini, ni ya kuhlangana nomuntu kona e twele imbiza yamanzi: m landeleni; 14 lapa e ngena kona, ni ti ku mninindhlu, UMfundisi u ti, Lipi ikamelo lami lokungenisa lapa ngi za kudhlela kona ipasika nabafundi bami? 15 Yena u ya kunibonisa ikamelo elikulu eli pezulu, el'endhlelwe li lungisiwe; si lungiseleni lapoke. 16 Ba hambake abafundi, ba fika emzini, ba fumana ku njengokusho kwake kubo: ba lungisa ipasika.

17 Se ku hlwa wa fikake kanye naba ishumi nambili. 18 Se be cambalele be dhla, uJesu wa ti, Ngi qinisile, ngi ti kini, Omunye wenu u ya kungikapela, yena odhlayo nami. 19 Ba qala ukudabuka, nokuti kuye ngabanye, Imina na? 20 Wa ti kubo, Ngomunye waba ishumi nambili, o ka kanye nami esitsheni. 21 Ngoba iNdodana yomuntu i y'emuka, pela njeng'okulotshiweyo ngayo: kepa maye lowo muntu iNdodana yomuntu e kashelwa uye! nga ku kuhle ku lowo muntu uma wa e nga zalwanga.

22 Be sa dhla, wa tabata isinkwa, wa busisa wa si hlepula, wa ba nika, wa ti, Tabatani: loku ku ngumzimba wami. 23 Wa tabata nendebe, wa bonga, wa ba nika: ba puza kuyo bonke. 24 Wa ti kubo, Loku ku igazi lami lesivumelwano, eli palazelwa abaningi. 25 Ngi qinisile ngi ti kini, A ngi sa yi kupuza okwesitelo somvini, ku ze ku be ilolo suku, engi za kusipuza ngalo si sisha embusweni ka Nkulunkulu.

26 Ba t'uba ba hlabelele, ba se be puma ba ya entabeni yemiNqumo.

27 Wa ti kubo uJesu, Nina nonke ni ya kukubeka; ngoba ku lotshiwe ukuti, Ngi ya kushaya umalusi, izimvu zi sakazeke. 28 Kodwake, ngasemva kwokuvuswa kwami, ngi ya kunandulela ukuya eGalile. 29 Kepa uPetro wa ti kuye, Nokuba bonke be kubeka, noko mina ngeke. 30 UJesu wa ti kuye, Ngi qinisile ngi ti kuwe, namhlanje, nga lobu busuku, li nga ka kali kabili iqude, u ya kungipika katatu. 31 Noko wa kulu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ma wa gabela wa ti, Nokuba ku nga be ngi ya fa nawe, a ngi yi kukupika. Ba sho oku njalo bonke.

32 Ba fikake endaweni e gama layo li iGetesemane: wa ti ku bafundi bake, Hlalani pansi lapa, ke ngi tandaze. **33** Wa tabata uPetro noJakobe noJohane, wa qala ukushaywa uvalo, nokuyilayileka. **34** Wa ti kubo, Umpefumulo wami u lusizi kakulu ku ze ku be sekufeni: hlalani lapa, ni linde. **35** Wa qubeka ingcozana, wa ti mbo pansi, wa tandaza ukuba ku dhlule kuye leso sikati, uma ku ng'enzeka. **36** Wa ti, Abba, Baba, konke ku ng'enzeka kuwe; a ku gudhluze le ndebe kimi: kepa a ku nga bi ngengikutandayo, a ku be oku tandwa nguwe. **37** Wa fika, wa ba fumana be lele, wa ti ku Petro, Simon, u lele na? u bu nge namandhla ukulinda ihora li be linye na? **38** Lindani ni tandaze, ukuba ni nga ngeni ekulingweni: umoya kambe u ya vuma, kodwa inyama i butakataka. **39** Wa buya w'emuka wa ya wa tandaza, e sho lona lelo zwi. **40** Wa fika futi, wa ba fumana be lele, ngokuba amehlo abo a e nzima; ba be ng'azi aba nga m pendula ngako. **41** Wa fika ngokwesitatu, wa ti kubo, Salani se ni lala, ni pumule: kwanele; isikati si fikile; bhekani, iNdodana yomuntu i si kashelwa ezandhleni zezoni. **42** Sukani, si hambe: nangu ongikapelayo e sondele.

43 Masinyaneke, e sa kuluma, kwa fika uJudas, omunye waba ishumi nambili, ku kona naye isixuku si nezinkemba nezinduku, si vela ku bapristi abakulu nababhali namalunga. **44** Lowoke omkapelayo wa e ba nike isiboniso sokuti, Lowo engi ya kumanga, nguye; m bambeni, ni hambe naye ni m qinise. **45** Wa t'uba a fike qede, wa ya kuye, wa ti, Rabi; wa m anga. **46** Ba se be yisa izandhla kuye, ba m bamba. **47** Kepa omunye waba be mi kona wa hosha inkemba, wa galela inceku yompristi omkulu, wa yi nquma indhlebe. **48** Wa pendulake uJesu wa ti kubo, Ni pume nezinkemba nezinduku ukungibamba, ngokungati ngi isigcwelegcwele na? **49** Imihla ngemihla be ngi nani etempelini ngi fundisa, a na ngi bamba: kepake ku njenje ukuba ku gcwaliseke imibhalo. **50** Ba m shiya bonke, ba baleka.

51 Kepa insizwa etile ya i m landela, yembete indwangu yelineni emzimbeni: ba yi bamba; **52** kepa ya shiya pansi indwangu yelineni, ya balekaze.

53 B'emuka noJesu ba ya ku mpristi omkulu; kwa butana kuye abapristi bonke abakulu namalunga nababhali. **54** UPetro wa e m landele e kashana, kwa ze kwa ba ngapakati egcekeni lendhlu yompristi omkulu: wa e hlezi kanye nezinduna, ota umlilo. **55** Kepake abapristi abakulu nompakati wonke ba funa ubufakazi ngoJesu ukuze ba m bulale; a ba bu fumananga. **56** Ngoba abaningi ba fakaza amanga ngaye, kepa ubufakazi babo a ba vumelana. **57** Kwa suka abatile, ba fakaza okwamanga ngaye, be ti, **58** Tina, si mu zwe e ti, Ngi ya kulicita leli tempeli el'enziwe ngezandhla, ngi buye ng'ake elinye eli ng'enziwe ngezandhla ngezinsuku ezintatu. **59** Nokuba ku njalo ubufakazi babo a ba vumelana. **60** Umpristi omkulu wa sukumake pakati kwabo, wa buza uJesu, wa ti, A u penduli luto na? Yini loku aba ku fakaza ngawe laba? **61** Kepa wa tula, a ka pendula luto. Umpristi omkulu wa buya wa m buza, wa ti kuye, U nguKristu, iNdodana yobongekayo na? **62** Wa ti uJesu, Ngi nguye: ni ya kubona iNdodana yomuntu i hlezi ngakwesokunene saMandhla, i za namafu ezulu. **63** Umpristi omkulu wa hxebula izingubo zake, wa ti, Ba sa swelekelani ofakazi na? **64** Se ni zwile le nhlamba: ku bonakala ukutini kinina? Ba m lahla bonke ba ti u fanele ukufa. **65** Abanye ba qala ukumkafulela nokummboza ubuso, nokummuhluza, nokuti kuye, Profeta: izinduna za m amkela ngokummukula.

66 UPetro e segcekeni ngapansi, kwa fika enye yamantombazana yo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

mpristi omkulu; 67 i bona uPetro ota, ya m bheka, ya ti, Nawe u bu no-Jesu umNazareta. 68 Kepa wa pika, e ti, A ngi kwazi, a ngi ku zwa okushoyo: wa pumela egcekeni eli ngapambili; la se li kala iqude. 69 Intombazana ya m bona, ya qala ukuti futi kwabemiyo kona, Lo u ngomunye wabo. 70 Kepa wa pika futi. Ngasemva kwesikashana abemiyo kona ba buya ba ti ku Petro, Iqiniso u ngomunye wabo; ngoba u ngowa se-Galile. 71 Kepa wa qala ukutuka nokufunga, wa ti, A ngi m azi lo muntu eni kuluma ngaye. 72 La se li kala iqude ngokwesibili. UPetro wa kumbulake izwi, uJesu a be li shilo kuye lokuti, Li nga ka kali kabili iqude, u ya kungipika katatu. E se be-k'umqondo ku loko, wa kala.

15 Kwa sa qede kusasa abapristi abakulu namalunga nababhali, nompakati wonke, b'enza isigungu, ba bopa uJesu, ba ya naye, ba m yisa ku Pilatu. 2 UPilatu wa m buza, wa ti, Wena u iNkosi yabaJuda na? Wa pendula wa ti kuye, U sho kona. 3 Abapristi abakulu ba m bek'icala ngokuningi. 4 UPilatu wa buya wa m buza, wa ti, A u penduli luto na? bheka, ba ku bek'icala ngokungaka. 5 Kepa uJesu ka be sa pendula luto; wa mangala uPilatu.

6 Kwa ku tike ngomkosi a ba kululele isiboshwa si be sinye, abasicelayo. 7 Kwa ku kona umuntu o tiwa uBaraba, e boshwe naba be hlubukile, aba be necala lokubulala ekuhlubukeni. 8 Isixuku s'enyuka sa qala ukucela ukuba enze njengaloku a be hlala e kwenza kubo. 9 UPilatu wa ba pendula, wa ti, Ni tanda ukuba ngi ni kululele iNkosi yabaJuda na? 10 Ngokuba wa be azi ukuba abapristi abakulu ba be m kapele ngomona. 11 Kepa abapristi abakulu ba vusa isixuku, ukuba ngakanye a ba kululele uBaraba. 12 UPilatu wa buya wa pendula wa ti kubo, Poke ng'enzeni kuye eni ti u iNkosi yabaJuda? 13 Ba buya ba memeza be ti, M betele. 14 UPilatu wa ti kubo, Ngoba wenzeni okubi? Kepa ba memeza kakulu ba ti, M betele. 15 UPilatu, e tanda ukudelisa isixuku, wa ba kululela uBaraba, wa kapela uJesu, se e m baxulile, ukuba a betelwe.

16 Amabuto a muka naye a ya ngapakati kwegceke, eli iPretorio; a butela ibuto lonke. 17 A s'e m gqokisa ezi bubende, aluka umqele wameva, a m cwashelisa ngawo; 18 a qala ukumbingelela e ti, Bayete, Nkosi yabaJuda! 19 A m shaya ikanda ngohlanga, a m kafulela, a guqa pansi a kuleka kuye. 20 E se dhlale ngaye, a m hlubula ezi bubende, a m ambatisa ezake izingubo. A muka naye ukuba a m betele.

21 A cindezela odhlulayo, uSimon wa seKurene, e vela endhle, uyise ka Alesandro noRufo, ukuhamba nawo, ukuba a twale isipambano sake.

22 A m yisa endaweni iGolgota, oku ukuti ngokuhunyushwa, Indawo yenhloko. 23 A m nika iwayini eli nemuri: kepa ka l'amkelanga. 24 A m betela, abelana izingubo zake, enzelana inkato ngazo yokuti ilowo a nga tabatani. 25 Kwa ku ihora lesitatu, a m betelake. 26 Umbhalo wecala lake wa bhalwa ngapezulu, wokuti, iNKOSI YABAJUDA. 27 Kwa betelwa kanye naye izigcwelegcwelele ezibili; esinye ngakwesokunene, nesinye ngakwesokohlo sake.* 29 Abadhlulayo ba m hlambalaza, be nqakuza amakanda, be ti, E! wena o cita itempeli, u buye u l'ake ngezinsuku ezintatu, 30 zisindise, wehle esipambanweni. 31 Kanjalo nabapristi abakulu kanye nababhali b'enza igidigidi ngaye bodwa ba ti, Wa sindisa abanye; a nge zisindise yena. 32 UKristu, iNkosi ya kwa Israeli, a k'ehle kaloku esipambanweni, ukuba si bone si kolwe. Naba betelwa kanye naye ba m jakaja.

33 Se ku fike ihora lesitupa, kwa ba kona ubumnyama ezweni lonke kwa za kwa ba ihora lesishiyangalolunye. 34 Ngehora lesishiyangalolunye uJesu wa memeza ngezwi elikulu e ti, Eloi, Eloi, lama sabaktani? oku

* Iverse 28 se li sele. A liko ezincwadini oku izona zindala. Luke 22: 37.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ukuti ngokuhunyushwa, Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, u ngi shiyeleni na? **35** Abanye kwabemiyo, se be zwa loku, ba ti, Nangu, e biza uElija. **36** Kwa gijima omunye, wa gcwalisa ilula ngoviniga, wa li coma ohlangeni, wa m puzisa, e ti, Yekani; a ke si bone uma eElija u za kuza kumehlisa. **37** UJesu wa s'e kamuluka ngezwi elikulu, wa gqabuka. **38** Kwa hxebuka kabili iveli letempeli la qala pezulu la za la fika pansi. **39** Ya ti induna yekulu, eya i mi malungana naye, ukubona ukuti u gqabuka kanje, ya ti, Iqiniso lo muntu u be yiNdodana ka Nkulunkulu. **40** Kwa ku kona nabesifazana be buka be kashana: pakati kwabo kwa ku kona uMariya Magdalene, noMariya unina ka Jakobe omncinyane be noJose, kanye noSalome; **41** okwati e seGalile, ba m landela, ba m konza; nabanye abesifazana abaningi ab'enyukela naye eJerusalem.

42 Kwa t'uba ku hlwe, loku kwa ku usuku lokulungisa, oku ukuti, usuku olu ngapambili kwesabata, **43** kwa fika uJosefa wa seArimatiya, umpakati o nesitunzi, owa e bheke naye umbuso ka Nkulunkulu; wa ngena ku Pilatu ngesibindi, wa cela isidumbu si ka Jesu. **44** UPilatu wa mangala ukuba nga be u se file: se e bizile induna yekulu, wa yi buza wa ti se ku kade e file na? **45** Se e zwisise ngenduna yekulu, wa m nika uJosefa isidumbu. **46** Wa tenga indwangu yelineni, wa m ehlisa, wa m tandela ngayo indwangu yelineni, wa m beka etuneni eli qoshwe eweni; wa gingqela itshe emnyango wetuna. **47** UMariya Magdalene noMariya unina ka Jose ba bona lapa a bekwa kona.

16 Se li dhlulile isabata, uMariya Magdalene noMariya unina ka Jakobe, noSalome, ba tenga amaka, ukuba b'eze ba m gcobe. **2** Ekuseni kakulu ngosuku lokuqala lwesonto, ba fika etuneni se li pumile ilanga. **3** Ba be kuluma bodwa be ti, Ubani o ya kusigingqela itshe li suke emnyango wetuna na? **4** ba ti ukubheka, ba bona ukuti itshe se li gingqiwe: ngoba la li likulu kakulu. **5** Se be ngene etuneni, ba bona insizwa i hlezi ngakwesokunene, yembete ingubo ende emhlope; ba shaywa uvalo. **6** Ya ti kubo, Ni nga shaywa uvalo: ni funa uJesu, umNazareta, o be betelwe: u vukile; a kako lapa: nansi indawo lapa be be m beke kona! **7** Kepa hambani, ni yo tshela abafundi bake noPetro ukuti, U ya n'andulela ukuya eGalile: ni ya kumbona lapo, njengokusho kwake kini. **8** Ba se be puma, ba baleka etuneni; ba fikelwa ukututumela nokunkema: a ba ze ba sho luto na ku bani; ngokuba b'esaba.

9 E se vukileke ekuseni ngosuku lokuqala lwesonto, wa bonakala kuqala ku Mariya Magdalene, a be kipe kuye amademone a isikombisa. **10** Yena wa ya wa ba bikela labo aba be naye, be sa lila be kala. **11** Ba ti bona, ukuzwa ukuti u kona, nokuti u bonwe uye, a ba ze ba kolwa.

12 Emva kwa loku wa bonakala ngesinye isimo kwababili kubo, be hamba, be ya emapandhleni. **13** Laboke ba ya ba bikela abanye: a ba ba kolwa na labo.

14 Ngasemva wa bonakala kwaba ishumi nanye be hlezi ekudhleni: wa ba jakaja ngokungakolwa kwabo nobulukuni benhliziyo, ngokuba be nga kolwanga ilabo aba be m bonile se e vukile. **15** Wa ti kubo, Hambani ni ye emhlabeni wonke, ni shumayele ivangeli kubo bonke abadaliweyo. **16** Okolwayo a bapatizwe u ya kusindiswa; kepa ongakolwayo u ya kulahlwa. **17** Lezi zibonakaliso zi ya kulandela abakolwayo: ngegama lami ba ya kukipa amademone; ba ya kushumayela ngezilimi ezintsha; **18** ba ya kupata izinyoka; noma be puza into ebulalayo, a i soze ya ba limaza; ba ya kubeka izandhla pezu kwabagulayo, ba sinde.

19 Njaloke iNkosi uJesu, se i kulumile kubo, ya kushulelwa ezulwini, ya hlala ngakwesokunene si ka Nkulunkulu. **20** Ba puma, ba shumayela ezindaweni zonke, iNkosi i sebenza nabo, i qinisa izwi ngezibonakaliso ezalandelayo. Amen.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

LUKA

Isisusa sencwadi. Ukubikezelwa kwokuzalwa ku ka Johane.

1 Njengoba abaningi se be zamile ukulanda ngokuhlela nga lezo zindaba ezi gcwaliseke pakati kwetu, 2 njengaloko ba si nika zona, labo aba zibonela ngamehlo naba be ngabakonzi bezwi kwa sekuqaleni, 3 be ngi ti kuhle ukuba nami, loku ngi landele umkondo wako konke ngesinwe kwa semanqweni, ngi ku lobele ngokulandelana, Teofilo, ndabezita; 4 ukuba wazi isiminya sezinto owa zi fundiswa ngomlomo.

5 Kwa ku kona emihleni ka Herode inkosi ya seJudiya, umpristi otile igama lake nguZakariya, owesigaba si ka Abija: umkake wa e ngowa semadodakazini ka Aron, igama lake nguElisabete. 6 Ba be lungile bobabili emehlweni ka Nkulunkulu, be hamba ngemiyalo yonke nezimiso zeNkosi be nga soleki. 7 Ba be nge na bantwana, ngokuba uElisabete wa be inyumba; ba se be neminyaka eminingi bobabili.

8 Kwa tike, e sa konza ebupristini pambi ku ka Nkulunkulu njengokuhlelelwa kwesigaba sa kubo, 9 ngokomkuba wobupristi, wa dhliwa inkato ukuba a ngene etempelini leNkosi a tunqise impepo. 10 Isiqumbi sonke sabantu sa si kuleka ngapandhle ngesikati sempepo. 11 Kwa bonakala kuye ingelosi yeNkosi i mi ngakwesokunene selati lempepo. 12 Wa ti ukuyibona uZakariya wa tatazela, w'ehlelwa ukwesaba. 13 Kepa ingelosi ya ti kuye, U ng'esabi, Zakariya: loku pela ku zwiwe ukunxusa kwako, umkako uElisabete wo ku zalela indodana, u ya kuqamba igama layo ngokuti uJohane. 14 U ya kuba nokutokoza nokuncinca wena; abaningi ba ya kutokoza ngokuzalwa kwake. 15 Ngoba u ya kuba mkulu emehlweni eNkosi, a ka yi kupuza iwayini nopuzo olu namandhla; u ya kugcwaliswa uMoya oNgcwele, kwa sesiswini si ka nina. 16 Abaningi kwaba kwa Israeli u ya kubabuyisela eNkosini uNkulunkulu wabo. 17 U ya kuhamba pambi kwobuso bake ngomoya namandhla ka Elija, ukuba a buyisele izinhliziyo za oyise ku bantwana, nabangalaleliyo ekuqondeni kwabalungileyo; ukulungisela iNkosi abantu abayihlelelweyo. 18 UZakariya wa ti engelosini, Ngi ya'ukwazi loku ngani na? ngoba se ngi mdala, nomkami u se neminyaka eminingi. 19 Ingelosi ya pendula ya ti kuye, Ngi nguGabriyeli, omiyo pambi ku ka Nkulunkulu; ngi tunyiwe ukuba ngi kulume kuwe, ngi ku tshele lezi zindaba ezinhle. 20 Bheka, wo ba isimungulu u nga bi na kukuluma, ku ze ku fike usuku ezi ya kwenzeka ngalo lezi zinto, loku u nga kolwanga amazwi ami, a za kugcwaliseka ngesikati sawo. 21 Abantu ba be m hlalela uZakariya, ba mangala ngokulibala kwake etempelini. 22 U te e se puma, a ka ba namandhla ukukuluma kubo: bazi ukuti u bone umbono etempelini: wa de e qwebana nabo, wa hlala e isimungulu. 23 Kwa ti, se zi pelile izinsuku zokukonza kwake, w'emuka wa ya ekaya.

24 Emva kwa lezo zinsuku wa kulelwa uElisabete umkake, wa zifihla izinyanga ezi isihlanu e ti, 25 Yenze njalo iNkosi kimi emihleni eya ngi bheka ngayo, ukususa isihlamba sami pakati kwabantu.

26 Ngenyanga yesitupa ingelosi uGabriyeli ya tunyelwa uNkulunkulu emzini wa seGalile, o gama lawo iNazareta, 27 entombini e kiwe indoda e gama layo nguJosefa, wendhlu ka Davida; igama lentombi nguMariya. 28 Ya ngenake kuye ya ti, E, wena o nenhlanhla, iNkosi i nawe. 29 Wa s'e tatazela kakulu nga lelo zwi, e zindhla ukuti ku nga

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukwaziselwa ku ka Mariya. Ihubo lake. UJohane u tiwa igama.

ba ukubingelela kuni loku. **30** Ingelosi ya ti kuye, U ng'esabi, Mariya: ngoba u nesasasa ku Nkulunkulu. **31** Bheka, u za kukulelwa esiswini sako, u zale indodana, u qambe igama layo ngokuti. UJESU. **32** U ya kuba mkulu yena, a tiwe iNdodana yoPezu Konke: iNkosi uNkulunkulu i ya kumnika isihlalo sobukosi si ka Davida uyise: **33** u ya kubusa indhlu ka Jakobe ku ze ku be nini; umbuso wake a u yi kuba na kupela. **34** Wa ti uMariya engelosini, Loko ko ba kanjani, loku ngi ng'azi ndoda na? **35** Ingelosi, ya pendula ya ti kuye, UMoya oNgcwele u ya kuza kuwe, amandhla oPezu Konke a ku sitibeze: ngakoke okungcwele oku za kuzalwa, ku za kutiwa iNdodana ka Nkulunkulu. **36** Bheka, uElisabete o zalana naye, u kulele indodana naye ebudaleni bake; le inyanga yesitupa ku yena o be tiwa inyumba. **37** Ngokuba a kuko zwi eli puma ku Nkulunkulu eli ya kuputa. **38** UMariya wa ti, Nansi incekukazi yeNkosi; a ku be kimi ngokwelizwi lako. Ingelosi y'e muka kuye.

39 W'esukake uMariya nga lezo zinsuku wa shesha wa ya kwelezintaba, emzini wa kwa Juda; **40** wa ngena endhlini ka Zakariya wa bingelela uElisabete. **41** Kwa t'uba uElisabete ezwe ukubingelela ku ka Mariya, ingane ya xuma esiswini sake; uElisabete wa gcwala uMoya oNgcwele; **42** wa mpompoloza ngezwi elikulu, wa ti, U busisiwe wena esifazaneni, ku busisiwe nokucuma kwesisu sako. **43** Ng'ehlelwa iloku ku velapi, ukuba e ze kimi unina weNkosi yami? **44** Ngoba bheka, ku te ukuba izwi lokubingelela kwako li fike ezindhlebeni zami, ingane ya xuma esiswini sami ngokuncinca. **45** U busisiwe owakolwayo; ngoba ko ba kona ukufezeka kwa lezo zinto ezi kulunywe kuye zi vela eNkosini. **46** Wa s'e ti uMariya,

Umpefumulo wami u ya bu sho ubukulu beNkosi,
47 Nomoya wami wetabe ngoNkulunkulu uMsindisi wami
48 Ngoba u bhekile ukutobeka kwencekukazi yake;
Ngoba bheka, ku sukela manje izizukulwane zonke zi ya kuti ngi busisiwe.
49 Ngoba u ng'enzele izinto ezinkulu, uSomandhla;
Li ngcwele igama lake.
50 Isihau sake si sezizukulwaneni ngezikukulwane
Ku labo abamesabayo,
51 Wenze okwamandhla ngengalo yake;
U sakaze abazidhlayo ekuzindhleni kwenhliziyo yabo.
52 U wisile izikulu ezihlalweni zobukosi,
U ba pakamisile abatobileyo.
53 Abalambileyo u ba sutisile ngokulungileyo;
Abacebileyo u ba mukiseze.
54 U sizile uIsraeli inceku yake,
Ngokukumbula isihau
55 (Njeng'akushoyo kokoko)
Ku Abraham nenzalo yake ku ze ku be nini.

56 Wa hlalake naye uMariya kungati izinyanga ezintatu, wa buyela ekaya.

57 Kwa se ku gcwaliseka isikati si ka Elisabete sokuba a belete; wa zala indodana. **58** Abakelwane bake n'azalana nabo b'ezwa ukuti iNkosi i kulise isihau sayo nga kuye: ba tokoza naye. **59** Kwa ti ngosuku lwesishiyangalombili, b'eza kusoka umntwana; ba be zo m qamba ngegama li ka yise ngokuti uZakariya. **60** Unina wa pendula wa ti, Ayi; u za kutiwa uJohane. **61** Ba ti kuye, A kako owa kini o bizwa nga leli gama. **62** Ba m qweba uyise, be ti u tanda ukuba a bizwe ngokutini. **63** Wa cela isibhebhana sokuloba, wa loba ukuti, UJohane igama lake. Ba mangala bonke. **64** Kwa se ku vuleka umlomo wake konalapo, lwa tukuluka ulimi lwake, wa kuluma, e bonga uNkulunkulu. **65** Kwa ba kona ukwesaba kubo bonke ab'akelene nabo: kwa xoxwa ngazo lezi zindaba kulo lonke lezintaba la seJudiya. **66** Bonke abazizwayo ba zi beka ezinhli-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ihubo li ka Zakariya.

ziyweni zabo, be ti, Po lo mntwana u za kuba intoni na? Ngoba isandhla seNkosi sa si naye.

67 UZakariya uyise wa gcwala uMoya oNgcwele, wa profeta, e ti,

68 Ma i bongwe iNkosi, uNkulunkulu ka Israeli;
Ngoba i ba hambele ya b'enzela ukuhlengwa abantu bayo,
69 I si vezele upondo losindiso
Endhlini ka Davida inceku yayo
70 (Njengaloko eyakushoyo ngomlomo wabaprofeti bayo abangcwele selokwatini),
71 Usindiso eziteni zetu, na sesandhleni sabo bonke abasizondayo;
72 Ukwenzela okoko isihau.
Nokukumbula isivumelwano sayo esingcwele;
73 Isifungo eya si funga ku Abraham ubaba wetu,
74 Ukusinika okokuba se si hlanguliswe esandhleni sezita zetu
Si yi konze si ng'esabi,
75 Ngobungcwele nokulunga pambi kwayo izinsuku zetu zonke.
76 Naweke, mntwana, u ya kutiwa u ngumprofeti woPezu Konke:
Ngoba u ya kuhamba pambili kwobuso beNkosi ukulungisa izindhlela zayo;
77 Ukunika abantu bayo ukwazi ngosindiso
Ngokutetelelwa izono zabo,
78 Ngesihe nesihau ka Nkulunkulu wetu,
Oku ya kusihamba ngayo ukubeja kwa pezulu,
79 Ku kanye kwaba hlezi ebumnyameni na setunzini lokufa;
Ukuqondisa ntse izinyawo zetu zi ye endhleleni yokutula.

80 Wa kulake umntwana, wa ba namandhla emoyeni, wa e sehlane kwa za kwa ba usuku lokubonakaliswa kwake ku Israeli.

Ukuzalwa ku ka Jesu.

2 Kwa ti nga lezo zinsuku kwa puma isimiso ku Kesari Augustu, sokuba ku bhalwe elakiweyo lonke. **2** Loku kubhalwa okokuqala okw'enziwa uKureniyo e se umbusi wa seSiriya. **3** Bonke ba ya kobhalwa, ilowo wa ya emzini wa kubo. **4** Naye uJosefa w'enyuka eGalile, e puma emzini wa seNazareta, wa ya eJudiya, emzini ka Davida o tiwa iBetelehem, ngoba wa e ngowendhlu nomndeni ka Davida; **5** e ya kubhalwa kanye noMariya, o kiwe uye, e kulelwe. **6** Kwa ti, se be lapo, kwa gcwaliseka izinsuku zokuba a belete. **7** Wa zibula ngendodana; wa yi songa ngembeleko, wa yi lalisa emkombeni wezinkomo, ngokuba be nge na ndawo endhlini yezihambi.

8 Kwa ku kona ku lelo zwe abalusi be hlala endhle, be linda umhlambi wabo ebusuku. **9** Ingelosi yeNkosi y'ema nga kubo, ubucwazicwazi beNkosi ba ba kanyisa inxa zonke: b'esaba ngokwesaba okukulu. **10** Ingelosi ya ti kubo, Ni ng'esabi; bhekani, ngi ni tshela izindaba ezinhle zokutokoza okukulu oku za kuba ku bantu bonke: **11** ngoba ni zalelwe namhla emzini ka Davida umsindisi, o nguKristu iNkosi. **12** Naku oku isibonakaliso kinina: Ni ya kufumana ingane i songiwe ngembeleko, i lele emkombeni wezinkomo. **13** Kwa se ku ba kona masinyane kanye nengelosi isiqumbi sebandhla la sezulwini si babaza uNkulunkulu, si ti,

14 A ku be udumo ku Nkulunkulu kwelipezulu,
Nokutula emhlabeni ku bantu abenameleyo.

15 Kwa t'uba izingelosi zi muke kubo zi ye ezulwini, abalusi ba kuluma omunye komunye, be ti, A ke si hambe si ye si fike eBetelehem, si bone le ndaba eyenzekileyo, esi y'aziswe iNkosi. **16** Ba se be fika ngokushesha, ba fumanisa uMariya noJosefa, nengane i lele emkombeni wezinkomo. **17** Se be bonile, ba landa leyo ndaba, eya kulunywa kubo nga lo mntwana. **18** Bonke abezwayo ba mangala nga loko okwa kulunywa abalusi ku bona. **19** Kepa uMariya wa gcina onke lawa mazwi, wa zindhla ngawo enhliziyweni yake. **20** Ba buyake abalusi, be dumisa be babaza uNkulunkulu ngako konke

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

abakuzwileyo nabakubonileyo, njengaloko kwa kulunywa kubo.

21 Kwa t'uba ku gcwaliseke izinsuku ezi isishiyangalombili zokuba a sokwe, igama lake la tiwa uJESU, lelo ela qanjwa ingelosi e nga ka kulelwa esiswini.

22 Kwa t'uba ku gcwaliseke izinsuku zokuhlambululeka kwabo ngokomteto ka Moses, b'enyukela naye eJerusalem, ukuba ba m beke pambi kweNkosi, **23** (njeng'oku lotshwe emtetweni weNkosi ukuti, Konke okwesilisa oku vula isisu ku ya kutiwa okungcwele eNkosini), **24** nokuba ba nikele umhlatshelo njeng'oku shiwo emtetweni weNkosi ukuti, Amahobe amabili, noma amapupu amabili amajuba. **25** Bheka kwa be ku kona umuntu eJerusalem, ogama lake nguSimeon; lo muntu wa e lungile e qoto, e bheka ukududuzwa ku ka Israeli: uMoya oNgcwele wa e kuye. **26** Kwa ku hlalukiswe kuye nguMoya oNgcwele, ukuti a ka yi kubona ukufa, e nga ka boni uKristu weNkosi. **27** Wa fika etempelini e seMoyeni: kwa t'uba abazali ba ngenise umntwana uJesu, ukuba benze ngaye njengomkuba womteto, **28** wa m amkela wa m gona, wa bonga uNkulunkulu, e ti,

29 Mnini'zinto zonke, a ke u mukise kaloku inceku yako,
Ngokwelizwi lako, ngokutula;
30 Ngoba amehlo ami a bonile usindiso lwako,
31 Olulungisileyo ebusweni bezizwe zonke,
32 Ukukanya kokwambulela abezizwe,
Udumo lwabantu bako uIsraeli.

33 Uyise nonina ba be mangala ngezinto ezi kulunywa ngaye; **34** uSimeon wa ba busisa, wa ti ku Mariya unina, Bheka, lo mntwana u miselwe ukuwa nokuvuka kwabaningi kwa Israeli; nokuba a be isibonakaliso esipikwayo; **35** yebo nowako umpefumulo u ya kubokodwa inkemba; ukuze kwambulwe izizindhlo ezi puma ezinhliziyweni eziningi. **36** Kwa ku kona noAnna, umprofetikazi, indodakazi ka Fanueli wesizwe sa kwa Asheri (wa e se neminyaka eminingi kakulu, e be hlale nendoda iminyaka e isikombisa ku sukela ebuntombini bake, **37** wa e se kade e umfelokazi iminyaka e ngamashumi a isishiyangalombili nane), o be nga muki etempelini, wa konza ubusuku nemini ngokuzila ukudhla na ngokunxusa. **38** Naye e qamuka nga sona leso sikati, wa bonga uNkulunkulu, wa kuluma ngaye kubo bonke aba be bheke ukuhlengwa kweJerusalem. **39** Se be qedile konke oku ngokomteto weNkosi, ba buyela eGalile, emzini wa kubo iNazareta.

40 Wa kulake umntwana, wa ba namandhla, e gcwele ukuhlakanipa: umusa ka Nkulunkulu wa u pezu kwake.

41 Abazali bake ba ya eJerusalem iminyaka ngeminyaka ngomkosi wepasika. **42** E se neminyaka e ishumi nambili, b'enyuka njengomkuba wa lo mkosi; **43** se be qedile izinsuku, ekubuyeni kwabo umfana uJesu wa salela emva eJerusalem, abazali bake ba be ng'azi; **44** be ti nje u kona kwaba hambisana nabo, ba hamba ibanga losuku lunye; ba m funa kwaba zalana nabo na kwabazana nabo: **45** ba t'ukungamfumani, ba buyela eJerusalem, be m funa. **46** Kwa ti, emva kwezinsuku ezintatu ba m fumanisa etempelini, e hlezi pakati kwabafundisi, e lalela kubo, e ba buza: **47** bonke abamuzwayo ba nkema ngokuqonda kwake na ngezimpendulo zake. **48** Ba t'ukumbona, ba shaqeka; unina wa ti kuye, Mntanami wenzeleni okunje kitina na? Bheka, uyihlo nami be si ku funa si lusizi. **49** Wa ti kubo, Be ni ngi funelani na? be ni ng'azi yini ukuba ngi melwe ukuba ngi be sendhlini ka Baba na? **50** A ba li zwisisanga izwi a li kuluma kubo. **51** W'ehla nabo, wa ya eNazareta; wa ba tobela: uninake wa wa gcina enhliziyweni yake la mazwi onke.

52 UJesu wa qubeka njalo ngokuhlakanipa na ngomzimba, na ngesasasa ku Nkulunkulu na ku bantu.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umsebenzi womBapatizi.

3 Kwa ti ngomnyaka weshumi nesihlanu wokubusa ku ka Tiberiyo Kesari, uPontiyo Pilatu e ngumbusi wa seJudiya, u Herode e inkosi yesifunda sa seGalile, u Filipu, umfo wabo, e inkosi yesifunda ezweni la seItureya nela seTrakoniti, uLysaniyo, e inkosi yesifunda sa seAbilene, 2 uAnas noKayafa be ngabapristi abakulu, kwa fika izwi li ka Nkulunkulu ku Johane indodana ka Zakariya ehlane. 3 Wa ya esifundeni sonke sa seJordan, e shumayela ubapatizo lokupenduka ku tetelelwe izono; 4 njengokuba ku lotshiwe encwadini yamazwi ka Isaya umprofeti ukuti,

Izwi lomemezayo ehlane li ti,
Lungisani indhlela yeNkosi,
Nenze imendo yayo i qonde.
5 Imihosha yonke i ya kugqitshwa,
Izintaba zonke namagquma onke ku ya kutotshiswa;
Ku qonde izinsongensonge,
Ku lelezeke imigoxigoxi;
6 Yonke inyama i ya kubona usindiso lu ka Nkulunkulu.

7 Ngakoke wa ti ezixukwini ezi pume zi ya kubapatizwa uye, Nzalo yezinyoka, ubani o ni bonise ukuba ni balekele ulaka oluzayo na? 8 Ngakoke vezani izitelo ezi fanele ukupenduka, ni nga qali ukuti pakati kwenu, Si nobaba uAbraham; ngoba ngi ti kini, uNkulunkulu u namandhla okumvezela uAbraham abantwana ku la matshe. 9 Na manjeke izembe li bekiwe empandeni yemiti: ngakoke imiti yonke e nga teli izitelo ezihle i ya nqunywa, i ponswe emlilweni. 10 Izixuku za m buza, za ti, Po nga senza ntoni na? 11 Wa pendulake wa ti kuzo, O namabantshi amabili, a ka mu pe o nge nalo; naye o nokudhla a k'enze njalo. 12 Kwa fika nabatelisi ukuba ba bapatizwe, ba ti kuye, Mfundisi, nga senza ntoni na? 13 Wa ti kubo, Ni nga bizi luto ngapezu kwenikumiselweyo. 14 Namabuto a m buza a ti, Tinake, nga senza ntoni na? Wa ti kuwo, Ni ng'amuki muntu ngokumshekezelisa, ni nga hlali ngomuntu; yanelani inkokelo yenu.

Ukubapatizwa ku ka Jesu.

15 Abantu be sa bheka, bonke be zindhla ezinhliziyweni zabo ngoJohane, ukuti ingabe u nguKristu yini; 16 uJohane wa pendula, wa ti kubo bonke, Mina kambe ngi ya ni bapatiza ngamanzi; kepa ku yeza o namandhla kunami, engi nga lingenwe ukuba ngi tukulule umcilo wezicatulo zake: yena u ya kunibapatiza ngoMoya oNgcwele na ngomlilo: 17 ombenge yake yokwela i sesandhleni sake, ukushanelisisa isibuya sake, nokubutela amabele edhladhleni lake; kepa amakoba wo wa shisa ngomlilo ongacimekiyo.

18 Ngakoke wa shumayela izindaba ezinhle ku bantu e ba luleka na ngokunye okuningi; 19 kepa uHerode inkosi yesifunda, se e solwe uye ngaye uHerodiya umka mfo wabo, na ngako konke okubi a be kwenzile uHerode, 20 w'engeza na loku futi kuko konke, wa m valela uJohane etilongweni.

21 Kwa ti, se be bapatizwe abantu bonke, naye uJesu e se bapatiziwe, e tandaza, kwa vuleka izulu, 22 uMoya oNgcwele e nesimo somzimba, njengejuba, w'ehlela pezu kwake, kwa ba kona izwi li puma ezulwini, li ti, Wena u yiNdodana yami etandekayo; ngi kwenamele.

23 Yena uJesu, wa e se neminyaka e nga ba amashumi amatatu, ekuqaleni kwake ukufundisa, e indodana (ngokwa ku shiwo) ka Josefa, ka Heli, 24 ka Matati; ka Levi, ka Melki, ka Janayi, ka Josefa, 25 ka Matatiya, ka Amos, ka Nahum, ka Esli, ka Nagayi, 26 ka Mahati, ka Matatiya, ka Semein, ka Joseka, ka Joda, 27 ka Johanan, ka Rhesa, ka Zerubabeli, ka Shehaltiyeli, ka Neri, 28 ka Melki, ka Adi, ka Kosam, ka Elmadam, ka Ere, 29 ka Jesu, ka Eliyezere, ka Jorim, ka Matati, ka Levi, 30 ka Simeon, ka Juda, ka Josefa, ka Jonam, ka Eliyakim, 31 ka Meleya, ka Mena, ka Matata, ka Natan, ka Davida, 32 ka Jese, ka Obede, ka Bohazi, ka Salmon, ka Nashon, 33 ka Aminadabe, ka Arni, ka Hezeron, ka Pereze, ka Juda, 34 ka Jakobe, ka Isaka, ka Abraham, ka Tera, ka Nahori,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukulingwa kwake. U shumayela eNazareta.

35 ka Seruga, ka Rehu, ka Pelege, ka
Eberi, ka Shela, 36 ka Kenan, ka
Arpakishadi, ka Shem, ka Noa, ka
Lameki, 37 ka Metusela, ka Enoki,
ka Jarede, ka Mahalaleli, ka Kenan,
38 ka Enoshe, ka Sete, ka Adam,
ka Nkulunkulu.

4 UJesu, e gcwele uMoya oNgcwe-
le, wa buya eJordan, wa yiswa
uMoya ehlane 2 izinsuku ezi ngama-
shumi amane e lingwa umhlebi. A
ka dhlanga luto nga lezo zinsuku: se
zi pelile, wa lamba. 3 Umhlebi wa
s'e ti kuye, Uma u iNdodana ka
Nkulunkulu, yisho ku leli tshe ukuba
li be isinkwa. 4 UJesu wa m pendu-
la wa ti, Ku lotshiwe ukuti, A ku
sinkwa sodwa umuntu a ya kupila
ngaso. 5 Wa s'e m enyusa, wa m
bonisa imibuso yonke yelakiweyo
ngomzuzwana nje. 6 Umhlebi wa
ti kuye, Ngo ku nika lawa mandhla
onke, nobukosi bawo: ngoba pela ngi
nikwe wona; ngi ya wa nika noma
ubani ngokutanda kwami. 7 Nga-
koke uma u kuleka pambi kwami,
konke ko ba okwako. 8 UJesu wa
pendula wa ti kuye, Ku lotshiwe uku-
ti, Wo kuleka eNkosini uNkulunkulu
wako, u m konze yena yedwa. 9 Wa
s'e m yisa eJerusalem, wa m misa
esiqongweni setempeli, wa ti kuye,
Uma u iNdodana ka Nkulunkulu, zi-
ponse pansi lapa: 10 ngoba ku lo-
tshiwe ukuti,

Wo yala izingelosi zake ngawe,
zi ku linde;

11 nokuti,

Zi zo ku twala ngezandhla zazo,
Funa u quzuke ngonyawo lwako
etsheni.

12 UJesu wa pendula wa ti kuye, Ku
tiwa, U nga vivinyi iNkosi uNkulu-
nkulu wako.

13 Wa ti umhlebi ukuba a qede
ukulinga konke, w'emuka kuye isi-
kati.

14 UJesu wa buyela eGalile nga-
mandhla ka Moya: udumo ngaye
lwa ti hxelele kuso sonke leso sifunda.
15 Wa be e fundisa emasinagogeni
abo, e dunyiswa ibo bonke.

16 Wa fika eNazareta, lapa wa be
ondhliwe kona: ngosuku lwesabata
wa ngena esinagogeni njengomkuba
wake, wa sukuma ukufunda. 17 Wa
nikezwa incwadi ka Isaya umprofeti.
Wa penya incwadi, wa fumanisa inda-
wo oku lotshiwe kuyo ukuti,

18 UMoya weNkosi u pezu kwami,
Ngokuba i ngi gcobile ukuba ngi
shumayele izindaba ezinhle kwa-
bampofu:
I ngi tumile ukumemezela ukuku-
lulwa kwabatunjwa,
Nokubona kuzo izimpumpute,
Ukumukisa abazukekileyo be ku-
lulekile.

19 Nokumemezela umnyaka oko-
layo weNkosi.

20 Wa goqonga incwadi, wa yi buyi-
sela esikonzini, wa hlala pansi: ame-
hlo abo bonke aba sesinagogeni a mu
ti ngqa. 21 Wa qala ukuti kubo,
Namhlanje ku gcwaliseke lo mbhalo
ezindhlebeni zenu. 22 Ba fakaza
ngaye bonke, ba mangala ngamazwi
omusa a puma emlonyeni wake: ba ti,
Lo a siyo indodana ka Josefa na? 23
Wa ti kubo, Nempelake ni ya kusho
kimi lesi siga sokuti, Nyanga, zipilise:
loku esi ku zwe kwenzeke eKaper-
naum, kwenze na lapa ezweni la kini.
24 Wa ti, Ngi qinisile ngi ti kini, A
kuko mprofeti owamkelekayo ezweni
la kubo. 25 Kepake iqiniso ngi ti
kini, Kwa ku kona kwa Israeli abafe-
lokazi abaningi emihleni ka Elija,
lapo kwa valeka izulu iminyaka emi-
tatu nezinyanga ezi isitupa, kwa ba
kona indhlala enkulu ezweni lonke;
26 kepa uElija ka tunyelwanga na
koyedwa ku labo, kupela eZarepta la
se-Sidon, kowesifazana owa e ngu-
mfelokazi. 27 Kwa ku kona kwa
Israeli aba nocoko abaningi ngesikati
si ka Elisha umprofeti; kepa a ku
hlanjululwanga namunye kubo, ku-
pela uNaman wa seSiriya. 28 Ba
t'ukuzwa loku ba gcwala ukufuteka
bonke abasesinagogeni; 29 b'esuka,
ba m kipela ngapandhle kwomuzi, ba
m yisa ongeleni lwentaba okwakiwe
pezu kwayo umuzi wabo, ukuze ba
m keleketisele. 30 Kepa wa dabula
pakati kwabo wa hamba.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ya pilisa. Uquqaba lwezinhlanzi. U pilisa onocoko.

31 W'ehla wa ya eKapernaum, umuzi wa seGalile. Wa e ba fundisa ngosuku lwesabata: **32** ba shaqeka ngokufundisa kwake; ngoba izwi lake la li namandhla. **33** Kwa ku kona esinagogeni umuntu, o nomoya wedemone elingcolileyo; wa dazuluka ngezwi elikulu, e ti, **34** Hau! si na msebenzi muni nawe, Jesu wa se-Nazareta? u ze ukusibubisa na? ngi ya kwazi ukuba u ngubani, U ngo-Ngcwele ka Nkulunkulu. **35** Wa s'e m kuza uJesu, e ti, Tula, u pume kuye. Idemone se li m ponse pansi pakati kwabo, la puma kuye, li nga m limazanga. **36** Ba ba novalo bonke, ba kuluma bodwa be ti, Izwi lini leli na? u yala omoya ababi ngesiqolo na ngamandhla, ba pume. **37** Kwa pumela idumela ngaye ezindaweni zonke za leso sifunda.

38 W'esuka esinagogeni, wa ngena endhlini ka Simon. Umkwekazi ka Simon wa e banjwe umkuhlane omkulu; ba m ncengela kuye. **39** Wa s'e m engama, wa kuza umkuhlane; wa m yeka: w'esuka masinyane wa ba konza.

40 Kwa ti ukushona kwelanga, bonke aba be nabagulayo ngezifoyifo ba ba yisa kuye; wa beka izandhla pezu kwabo bonke ngabanye, wa ba pilisa. **41** Amademone a puma kwabaningi, a memeza, a ti, Wena u yiNdodana ka Nkulunkulu. Kepa wa wa kuza, ka wa vumelanga ukuba a kulume, ngoba a e m azi ukuba u ngu-Kristu.

42 Se ku sile, wa puma wa ya endaweni e ihlane: izixuku za m funa, za fika kuye, za zi m bambezela, ukuba a nga muki kuzo. **43** Kepa wa ti kuzo, Ngi melwe ukushumayela izindaba ezinhle zombuso ka Nkulunkulu na kweminye imizi: ngoba ngi tunyelwe loko.

44 Wa be shumayela emasinagogeni a seGalile.

5 Kwa tike, isixuku si m bunganyele si zwa izwi li ka Nkulunkulu, wa e mi nga secibini la seGenesarete; **2** wa bona izikebhe ezimbili zi mi nga secibini: abadobi ba be pumile kuzo, be hlanza amaneta abo. **3** Wa ngenake kwesinye sezikebhe, esa si ngesi ka Simon, wa m cela ukuba a si dedise kancinyane emhlabatini. Wa hlala pansi wa fundisa izixuku e sesikebheni. **4** E se pezile ukukuluma, wa ti ku Simon, Qubekela ekujuleni, n'ehlise amaneta enu ni bambe. **5** USimon wa pendula wa ti, Nkosi, si kandhleke ubusuku bonke, a sa tola luto: kepa ngezwi lako ngi za kwehlisa amaneta. **6** Se be kwenzile loko, ba haqa uquqaba lwezinhlanzi; a e se gqabuka amaneta; **7** ba qweba abahlanganyele nabo aba be sesikebheni esinye, ukuba b'eze ba b'elekele. B'ezake, ba gcwalisa izikebhe zombili, za ze za funa ukuzika. **8** Wa ti uSimon Petro ukubona loko, wa wa emadolweni ka Jesu, wa ti, Suka kimi; ngoba ngi ngumuntu o isoni, Nkosi. **9** Ngokuba wa ngenwa uvalo, nabo bonke aba be naye, ngensudu yezinhlanzi aba be zi bambile; **10** ba ba njalo nabo oJakobe noJohane, amadodana ka Zebedi, aba be abangane ba ka Simon. UJesu wa ti ku Simon, u ng'esabi; ku sukela manje u za kubamba abantu. **11** Ba t'uba ba yise izikebhe zabo emhlabatini, ba shiya konke, ba m landela.

12 Kwa ti, e komunye wemizi, nangoke umuntu e gcwele ucoko: wa t'ukubona uJesu, wa ti mbo ngobuso, wa m nxusa, e ti, Nkosi, uma u vuma u nga ngi hlambulula. **13** Wa s'elula isandhla sake, wa m namata, e ti, Ngi ya vuma; hlambululeka. Kwa se ku suka kuye masinyane ucoko. **14** Wa m yala ukuba a nga tsheli muntu: hamba u ye, u zibonakalise ku mpristi, u nikele ngokuhlanjululwa kwako, njengaloko uMoses akuyalayo, ku be ubufakazi kubo. **15** Kantike kwa ba ikona udaba lu hxelebayo ngaye: izixuku ezikulu za butana ukuzwa, nokupiliswa uye ebutakatakeni bazo. **16** Kepa yena wa monyuka wa ya emahlane, wa tandaza.

17 Kwa ti ngolunye lwa lezo zinsuku, wa e fundisa; kwa ku hlezi kona abaFarisi nabafundisi bomteto, aba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

be puma emizini yonke ya seGalile, neJudia, neJerusalem: amandhla eNkosi a e kona kuye okupulukisa. **18** Nambake, abantu be twele umuntu ngecansi o fe uhlangoti: be funa ukumngenisa, nokumbeka pambi kwake. **19** Be nga fumani indhlela aba zo m ngenisa ngayo ngenxa yesixuku, ba kwela pezu kwendhlu, ba susa ukete ba m ehlisa kanye nocansana lwake ngapakati pambi ku ka Jesu. **20** E bona ukukolwa kwabo, wa ti, Muntundini, u tetelelwe izono zako. **21** Ababhali nabaFarisi ba qala ukuzindhla, be ti, Ubani lo o kuluma inhlamba na? Ubani o nga tetelela izono, kupela uNkulunkulu yedwa? **22** Kepa uJesu e z'azi izizindhlo zabo, wa pendula wa ti kubo, Ni zindhlelani ezinhliziyweni zenu na? **23** Yikupike okulula, ukuti, U tetelelwe izono zako; kuko ukuti, Vuka u hambe na? **24** Kepake ukuze n'azi ukuti iNdodana yomuntu i namandhla emhlabeni okutetelela izono (wa ti k'o fe uhlangoti), Ngi ti kuwe, Vuka, u tabate ucansana lwako, u ye endhlini yako. **25** Wa s'e sukuma konalapo pambi kwabo, wa tabata loko a be lele kuko, w'emuka wa ya endhlini yake, e dumisa uNkulunkulu. **26** Ba fikelwa ukunkema bonke ba dumisa uNkulunkulu; ba be nokwesaba okukulu, ba ti, Si bone imihlola namhlanje.

27 Emva kwa loku wa puma, wa bona umtelisi igama lake uLevi, e hlezi endaweni yokutela imali, wa ti kuye, Ngi landele. **28** Wa shiya konke, w'esuka wa m landela.

29 ULevi wa m enzela idili elikulu endhlini yake: kwa ku kona isixuku esikulu sabatelisi nabanye aba be hlezi nabo ekudhleni. **30** AbaFarisi nababhali babo ba konona ngabafundi bake, be ti, Ku ngani ukuba ni dhle ni puze nabatelisi nezoni? **31** UJesu wa pendula wa ti kubo, Aba iziqwanqwa a ba swele nyanga; kodwa abagulayo. **32** A ngi zile ukubiza abalungileyo ngi ze kubiza izoni zi penduke.

33 Ba ti kuye, Abafundi ba ka Johane ba zila ukudhla futifuti, benze imitandazo yokunxusa; nababaFarisi benze njalo; kepa abako ba ya dhla ba puze nje. **34** UJesu wa ti kubo, Ni nga ba zilisa yini abayeni, e se nabo umyeni na? **35** Kepa ku za kufika izinsuku; ko tike lapo umyeni e suswa kubo, bandu kuzila nga lezo zinsuku. **36** Wa kuluma umfanekiso kubo futi wokuti: A kuko muntu o hxebula isiziba engutsheni entsha a si beke engutsheni endala; nxa ku njalo u hxebula entsha, futi isiziba sentsha si nga vumelani nendala. **37** A kuko muntu o tela iwayini elisha ezimvabeni ezindala; nxa ku njalo iwayini elisha li ya kuqumisa izimvaba, lona li citeke, izimvaba zonakale. **38** Kepa iwayini elisha li ngelokutelwa ezimvabeni ezintsha. **39** A kuko muntu e se puzile iwayini elidala o suka a fune elisha; ngoba u ti, Li ibebesi elidala.

6 Kwa ti ke ngesabata, wa e dabula emasimini; abafundi bake ba ka izikwebu, ba dhla, be zi hlikihla ngezandhla. **2** Kepa abatile ku baFarisi ba ti, Nenzelani oku nga vumekile ukwenziwa ngesabata? **3** UJesu e ba pendula wa ti, A ni fundanga yini na loku, okwenziwa uDavida, msukwana e lambile, yena, naba be naye; **4** ukuti wa ngena endhlini ka Nkulunkulu, wa tabata izinkwa zokubhekwa wa dhla, wa nika naba be naye; oku nga vumekile ukuba zi dhliwe kupela abapristi bodwa? **5** Wa ti kubo, INdodana yomuntu i yiNkosi yesabata.

6 Kwa ti ngelinye isabata, wa ngena esinagogeni wa fundisa: kwa ku kona umuntu lapo, osandhla sake sokunene sa si shwabene. **7** Ababhali nabaFarisi ba m hlomela, be ti kazi u za kumpilisa nje ngesabata na; ukuba ba tole aba nga m bek'icala ngako. **8** Kepa w'azi izizindhlo zabo; wa s'e ti ku lo muntu osandhla si shwabene, Sukuma, u ti qekele. Wa sukumake w'ema. **9** UJesu wa ti kubo, Ngi ya ni buza ngi ti, Ku vumekile ngesabata ukwenza okulungileyo kuko ukwenza okubi na? uku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

sindisa umuntu kuko ukumbubisa na? **10** Wa ba qalaza bonke, wa ti kuye, Yelula isandhla sako. Wenze njalo: isandhla sake sa lunga sa ti mwe. **11** Ba se be gcwala ukugcwaneka; ba kuluma bodwa ba ti ba ng'enza ntoni nje ku Jesu.

12 Kwa ti nga lezi zinsuku, wa puma wa ya entabeni ukuya kotandaza; wa hlala ubusuku bonke e tandaza ku Nkulunkulu. **13** Kwa t'uba ku se, wa biza abafundi bake; wa keta kubo aba ishumi nambili, a ba qamba ngokuti abapostoli; **14** uSimon, a m qamba ngokuti uPetro, noAndreya umfo wabo, noJakobe noJohane, noFilipu noBartolome, **15** uMateu noTomasi, uJakobe ka Alfeu, noSimon o tiwa isiShisekeli, **16** noJudasi ka Jakobe, noJudas Iskariyoti owa ba ngowamkapelayo; **17** w'ehlake nabo, w'ema endaweni e te caba, kanye nesixuku esikulu sabafundi bake, nesiqumbi sabantu aba vela kulo lonke la seJudiya na seJerusalem, na kweli nga selwandhle la seTire neSidon, aba be ze ukumuzwa, nokupulukiswa ezifweni zabo; **18** naba be katazwa omoya abangcolileyo ba piliswa. **19** Isixuku sonke sa funa ukumnamata; ngokuba kwa puma kuye amandhla, a pulukisa bonke.

20 Wa pakamisa amehlo ake wa buka abafundi bake, wa ti, Ni busisiwe nina bampofu: ngokuba umbuso ka Nkulunkulu u ngowenu. **21** Ni busisiwe nina balambileyo kaloku: ngokuba ni ya kusutiswa. Ni busisiwe nina bakalayo kaloku: ngokuba ni ya kuhleka. **22** Ni busisiwe, nxa abantu be ni zonda, ba ni hlulule, ba ni cape ngenhlamba, ba lahle igama lenu ngokungati libi, ngenxa yeNdodana yomuntu. **23** Tokozani nga lolo suku, ni ngqabashiye: ngokuba bheka, umvuzo wenu mkulu ezulwini; ngoba oyise babo b'enza ngokunjalo ku baprofeti. **24** Kepa maye nina, abacebileyo! ngokuba se namkele induduzo yenu. **25** Maye nina, abazitikayo kaloku! ngokuba ni ya kulamba. Maye nina, abahlekayo kaloku! ngokuba ni ya kulila ni kale. **26** Maye nina, nxa abantu bonke be kuluma kahle ngani! ngoba oyise babo b'enza ngokunjalo ku baprofeti bamanga.

27 Kepake ngi ti kinina enizwayo, Tandani izita zenu, ni b'enzele okuhle abanizondayo, **28** ni busise abaniqalekisayo, ni tandazele abanisombozayo. **29** O ku shaya esihlatini m nike nesinye; o kwapuca ingubo u nga m nqabeli nebantshi. **30** Ba pe bonke aba cela kuwe; n'o kwapuca oku ngokwako u nga buyi u ku bize kuye. **31** Njengaloko eni tanda ukuba abantu benze kinina, nenze ngokunjalo ku bona. **32** Uma ni tanda abanitandayo, ni na kubongwa kuni na? ngoba nezoni zi tanda abazitandayo. **33** Uma n'enza okulungileyo kwab'enza okulungileyo kini, ni na kubongwa kuni na? ngoba nezoni zenza konaloko. **34** Uma ni tsheleka labo en'etemba ukwamkela kubo, ni na kubongwa kuni na? nezoni zi tsheleka izoni, ukuba zi ze zamkele okungako. **35** Kepa tandani izita zenu, ni z'enzele okulungileyo, ni tsheleke, ni nga dikibali; umvuzo wenu u ya kuba mkulu, ni be amadodana oPezu Konke: ngoba u mnene yena kwabangabongiyo nababi. **36** A ni be nobubele, njengoYihlo wenu e nobubele. **37** Ni ng'ahluleli, nani a ni yi kwahlulelwa: ni nga lahli, nani a ni yi kulahlwa: kululani, nani ni ya kukululwa: **38** yipani, nani ni ya kupiwa; ba ya kunipa esifubeni senu isilinganiso esihle, si gxushiwe, si nyakazisiwe, si cicima. Ngoba nga leso silinganiso eni linganisa ngaso nani ni ya kulinganiselwa ngaso.

39 Wa kuluma nomfanekiso kubo, e ti, Impumpute i nga hola impumpute na? a zi yi kuyela emgodini zombili na? **40** Umfundi a ka ngapezu kwomfundisi wake: kepa wonke nxa e se pelelisiwe u ya kuba njengomfundisi wake. **41** U bukelani isibi esi sesweni lomfo wenu, kepa u nga naki ugongolo olu sesweni lako na? **42** U nga sho kanjani kumfo wenu ukuti, Mfo wetu, a ke ngi kipe isibi esi sesweni

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lako, u be u nga boni wena ugongolo olu sesweni lako? Mzenzisindini, qala u kipe ugongolo esweni lako, and'uba u bonisise ukukipa, isibi esi sesweni lomfo wenu. 43 Ngoba a kuko muti omuhle o tela isitelo esonakeleyo; nomuti owonakeleyo o tela isitelo esihle. 44 Ilowo muti waziwa ngezitelo zawo. Amakiwane a ka kiwa emeveni, amavini ka vunwa ejingijolweni. 45 Umuntu olungileyo u veza okulungileyo engcebweni elungileyo yenhliziyo yake; nomuntu omubi, engcebweni embi u veza okubi: ngokuba umlomo u shumayela ngokucicima kwenhliziyo.

46 Ni ngi bizelani ngokuti, Nkosi, Nkosi, ni nga kwenzi engikushoyo na? 47 Wonke ozayo kimi, e zwe amazwi ami, a w'enze, ngo ni bonisa lowo a fana naye: 48 u fana nomuntu owaka indhlu, w'emba wa julisa, wa beka isisekelo edwaleni: kwa fika izifufula, umfula wa kahleleka ku leyo ndhlu, kepa wa u nge namandhla ukuyinyakazisa: ngokuba ya yakiwe kahle. 49 Kepa ozwayo, e ng'enzi, u njengomuntu ow'aka indhlu emhlabatini i nge na sisekelo; umfula wa kahleleka kuyo, ya wa masinyane; kwa ba ku kulu ukuvikizeka kwa leyo ndhlu.

7 Emva kwokuba e se qedile izinkulumo zonke zake ezindhlebeni zabantu, wa ngena eKapernaum.

2 Isigqili senduna yekulu etile, esi tandwa iyo, sa si gula se si za kufa. 3 Ya ti ukuzwa ngoJesu, ya tuma amalunga abaJuda kuye, i m cela ukuba eze a sindise isigqili sayo. 4 A fika ku Jesu, a m ncosholozela, a ti, I fanele ukuba u y'enzele loku; 5 ngokuba i tanda isizwe sa kiti, ya s'akela yona isinagoge. 6 Wa s'e hamba nawo uJesu. Kepa e nga se kude nendhlu, induna yekulu ya tuma imihlobo kuye, i ti kuye, Nkosi, u nga ziqobi; ngoba a ngi lingenwe ukuba u ngene pansi kwopahla lwami: 7 ngakoke be ngi nga zishayi o fanele ukuza kuwe: kepa yisho izwi nje, wo puluka umfana wa kwami. 8 Ngoba nami ngi ngumuntu o miswe pansi kwamandhla, ngi namabuto pansi kwami: ngi ti ku leli, Hamba, li hambe; na kwelinye, Woza, li ze; na sesigqilini sami, yenza loku, si kwenze. 9 Wa t'ukuzwa loku uJesu, wa mangala ngayo, wa penduka wa ti esixukwini esimlandelayo, Ngi ti kini, a ngi zanga ngi fumane ukukolwa okungaka, na kwa Israeli. 10 Aba be tunyiwe, se be buyele ekaya, ba fumana isigqili se si pilile.

11 Kwa ti ke ngemuvana kwa loko, wa ya emzini o tiwa iNain; abafundi bake ba hamba naye, nesixuku esikulu. 12 Ku te ke e se sondela nga sesangweni lomuzi, nako, ku punyiswa ofileyo, indodana eyodwa ka nina, e ngumfelokazi: isixuku esikulu somuzi sa si naye. 13 Ya ti ke iNkosi ukumbona, ya ba nesihe ngaye, ya ti kuye, U nga kali. 14 Ya sondela ya tinta uhlaka: b'emake abatweleyo. Ya se i ti, Nsizwa, ngi ti kuwe, Vuka. 15 Wa s'e vuka wa hlala umufi, wa qala ukukuluma. Ya m nika unina. 16 Ba fikelwa ukwesaba bonke: ba dumisa uNkulunkulu, be ti, Ku vele umprofeti omkulu pakati kwetu: nokuti, UNkulunkulu u hambile abantu bake. 17 Kwa pumela lolu daba ngaye kulo lonke la seJudiya, na kuso sonke leso sifunda.

18 Abafundi ba ka Johane ba m bikela lezi zinto zonke. 19 UJohane wa biza ababili ku bafundi bake wa ba tumela eNkosini, e ti, Wena u nguye ozayo, nokuba si bheke omunye yini na? 20 A ti ukufika kuye lawo madoda, a ti, UJohane umBapatizi u si tume kuwe, u ti, Wena u nguye ozayo, nokuba si bheke omunye yini na? 21 Nga sona leso sikati wa pilisa abaningi ezifweni na sezinhlupekweni na komoya ababi; nezimpumpute eziningi wa zi pa ukubona. 22 Wa pendula wa ti kubo, Hambani ni ye ni bikele uJohane loko enikubonileyo nenikuzwileyo; ukuti, izimpumpute zi buya zi bone, izinyonga zi ya hamba, aba nocoko ba ya hlanjululwa, izitulu zi y'ezwa, abafileyo ba ya vuswa, abampofu ba ya shunyayezwa izindaba ezinhle. 23 U busisiwe, o nga yi kukubekiswa ngami.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku tuswa uJohane. UJesu u gcotshwa owesifazana o isoni.

24 Se zi mukile izitunywa zi ka Johane, wa qala ukuti esixukwini ngo-Johane, Ni pume na ya ehlane ukuyobonani na? uhlanga lu nyakaziswa umoya na? 25 Kepa ni pume na ya kobonani na? umuntu o wambete izingubo ezinotonoto na? Bhekani, abambete okucwazimulayo, be tamasa, ba sezigodhlweni zamakosi. 26 Kodwake na puma ukuyobonani na? umprofeti na? Yebo, ngi ti kini, o ngapezu kwomprofeti. 27 Lo u nguye oku lotshwe negaye ukuti,

Bheka, ngi tuma isitunywa sami pambi kwobuso bako,
Esi ya kulungisa indhlela yako pambi kwako.

28 Ngi ti kini, Kwaba zelwe abesifazana a kako omkulu kunoJohane: kantike omncinyane nje embusweni ka Nkulunkulu mkulu kunaye. 29 Abantu bonke se be zwile, nabatelisi, ba vuma ukuti u colile uNkulunkulu, be bapatizwa ngobapatizo lu ka Johane. 30 Kepa abaFarisi naba fundile emtetweni ba shafisa oku hxanywe uNkulunkulu ngabo, be nga bapatizwa uye. 31 Poke abantu ba lesi sizukulwane ngi ya kubafanisa nani na; ba fana nani na? 32 Ba fana nabantwana aba hlezi endaweni yokubutana, be memezana; aba ti, Si ni betele imitshingo, a na ze na sina; sa lilisela, a na ze na kala. 33 Ngokuba uJohane umBapatizi u fike e nga dhli isinkwa, e nga puzi iwayini; ni ti ke, U nedemone. 34 INdodana yomuntu i fike i dhla i puza; ni ti ke, Nangu, umuntu o isiminzi nenseli, umhlobo wabatelisi nezoni! 35 Kepa ukuhlakanipa ku tetwa abantwana bonke bako.

36 Omunye wabaFarisi wa m cela ukuba a dhle naye. Wa ngenake endhlini yomFarisi, wa cambalala ekudhleni. 37 Nangoke, owesifazana owa e kona emuzini, e isoni; e s'azi ukuti u cambalele ekudhleni endhlini yomFarisi, wa leta umfuma wealabasta wamafuta, 38 w'ema ngasemva nga sezinyaweni zake, e kala, wa qala ukuswakamisa izinyawo zake ngezinyembezi, wa z'esula ngezinwele zekanda lake, w'anga izinyawo zake, wa zi gcoba ngamafuta. 39 Wa ti ke umFarisi ommemileyo ukubona loko, wa kuluma pakati kwake, e ti, Lo, uma e be ngumprofeti, u be ya kwazi lo wesifazana omnamatayo ukuba u ngubani nokuba u njani, ukuti u isoni. 40 UJesu wa pendulake wa ti kuye, Simon, ngi nezwi lokukuluma kuwe. Wa ti, Kulumake, Mfundisi. 41 Kwa ku kona aba nezikweleti ababili ku mtsheleki otile: omunye wa e necala la osheleni aba ngamakulu a isihlanu, omunye elamashumi a isihlanu. 42 Se be nge nanto yokukoka, wa ba yekela bobabili. Ngumupi wa labo o ya kumtanda kakulu? 43 USimon wa pendula wa ti, Ngi ti, yilowo a m yekela okukulu. Wa ti kuye, U tata kahle. 44 Wa s'e pendukela kowesifazana, wa ti ku Simon, U ya bonake lo wesifazana? Ngi ngene endhlini yako, a wa ngi nika amanzi ezinyawo zami: kepa yena u swakamise izinyawo zami ngezinyembezi, wa z'esula ngezinwele zake. 45 Wena, a u ng'anganga: kepa yena, iloku ngi ngenileyo, a ka yekanga ukwanga izinyawo zami. 46 Ikanda lami a u li gcobanga na ngamafuta: kepa yena u zi gcobile izinyawo zami ngamafuta amahle. 47 Ngenxa ya loku ngi ti kuwe, Izono zake zi ziningi nje, zi tetelelwe; ngokuba u tande kakulu: kodwa o tetelelwa okuncane, u tanda kancane. 48 Wa s'e ti kuye, U tetelelwe izono zako. 49 Aba be cambalele naye ekudhleni ba qala ukuti pakati kwabo, Ubani lo o ze a tetelele nezono na? 50 Wa ti ke kowesifazana, Ukukolwa kwako ku ku sindisile; hamba kahle.

8 Kwa ti dukuduku, wa hambahamba emizini na semizaneni, e shumayela e memezela izindaba ezinhle zombuso ka Nkulunkulu, naba ishumi nambili be naye, 2 nabesifazana abatile aba be piliswe komoya ababi na sebutakatakeni: uMariya o bizwa ngokuti Magdalene, okwa ku pume kuye amademone a isikombisa, 3 noJoana, umka Kuza inceku ka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Herode, noSusana, nabanye abaningi, aba be ba konza ngempahla yabo.

4 Se ku kona ndawonye isixuku esikulu, se be ya kuye abemizi ngemizi, wa kuluma ngomfanekiso e ti: **5** Kwa puma umhlwanyeli ukuyohlwanyela imbeu yake: ekuhlwanyeleni kwake, enye ya wa nga sendhleleni; ya nyatelwa, izinyoni zezulu za yi dhla za yi qeda. **6** Enye ya wa edwaleni; yanel'ukumila, ya buna ngokungabi na kumata. **7** Enye ya wela pakati kwameva; ameva a mila kanye nayo, a yi minyanisa. **8** Enye ya wela emhlabatini omuhle, ya mila, ya tela ukudhla ngekulu. E ku sho loku, wa memeza wa ti, O nezindhlebe zokuzwa, a k'ezwe.

9 Abafundi bake ba m buza ukuti u nga ba u yini lo mfanekiso. **10** Wa ti, Ni piwe nina ukwazi izimfihlakalo zombuso ka Nkulunkulu: kodwa kwabanye ku ngemifanekiso; ukuba ngokubona ba nga boni, na ngokuzwa ba nga qondi. **11** Umfanekisoke yiloku: Imbeu i yizwi li ka Nkulunkulu. **12** Labo aba nga sendhleleni yilabo a se be zwile; be se ku fika umhlebi, a li suse izwi enhliziyweni yabo, ukuze ba nga kolwa ba sindiswe. **13** Labo aba sedwaleni yilabo, aba ti se be zwile, ba l'amkela izwi ngokutokoza; labake ka ba nampande, ba ngaba kolwa isikashana, kepa ngesikati sokulingwa ba hlamuke. **14** Leyo eya wela emeveni, yilabo a se be zwile, ba ti be sa hamba ba minyaniswe ukupiseka nengcebo nezinjabulo za loku kupila, a ba vezi izitelo ezi te hlaba hlosi. **15** Leyo e semhlabatini omuhle, yilabo aba ti ngenhliziyo enhle nelungileyo, se be li zwile izwi, ba li bambe, ba tele izitelo ngokukutazela.

16 A kuko muntu, o wokela isibani, a si sibekele ngesitsha, nokuba a si beke pansi kwombede; u si beka otini lwaso, ukuze abangenayo ba bone ukukanya. **17** Ngokuba a kuko okusitekileyo, oku nga yi kubonakala; nokufihlakeleyo, oku nga yi kwaziwa ku vele obala. **18** Ngakoke qapelani ukuzwa kwenu: ngoba lowo o nako, u ya kupiwa; lowo o nge nako, u ya kwamukwa na loko a ti u nako.

19 Kwa fika kuye unina nabafo wabo, kepa ba be nge na kufinyelela kuye ngenxa yesixuku. **20** Wa tshelwa ukuti, Unyoko nabafo wenu be mi ngapandhle, ba funa ukukubona. **21** Kepa wa pendula wa ti kubo, Umame nabafo wetu yilabo, ab'ezwa izwi li ka Nkulunkulu, ba l'enze.

22 Kwa ti ke ngolunye lwa lezo zinsuku, wa ngena esikebheni, yena nabafundi bake; wa ti kubo, A si wele si ye ngapesheya kwecibi: b'esukake. **23** Ku te ke be sa hamba ngesikebhe wa lala ubutongo: kwehla isikwishikwishi somoya ecibini; ba gcwala amanzi, ba be sengozini. **24** Ba se b'eza kuye, ba m vusa, be ti, Nkosi, Nkosi, sa buba. Wa vukake, wa kuza umoya nokuguba kwamanzi: kwa kauka, kwa ti cwanta. **25** Wa ti kubo, Kupi ukukolwa kwenu na? B'esaba ba mangala, be ti omunye komunye, Po, ubani lo, ukuba a yale nomoya namanzi, ku m lalele?

26 Ba fika ngesikebhe ezweni lamaGerase, eli bhekene neGalile. **27** E se pumele emhlabatini, kwa hlangana naye umuntu otile e puma emzini, owa be namademone; kwa se ku isikati eside e ng'ambati ngubo, e nga hlali ndhlini, wa e hlala ematuneni. **28** Wa t'uba a bone uJesu, wa dazuluka, wa wa pansi pambi kwake, wa ti ngezwi elikulu, Ngi na msebenzi muni nawe, Jesu, Ndodana ka Nkulunkulu oPezu Konke? Ngi ya ku nxusa u nga ngi zwis'umunyu. **29** Ngoba wa e yala umoya ongcolileyo ukuba u pume ku lo muntu. Ngoba wa u su m bozomele izikati eziningi: wa lindwa e boshwe ngamaketanga na ngozankosi; wa gqabula izibopo, wa qutshwa idemone a ye emahlane. **30** UJesu wa m buza wa ti, U ngubani igama lako? Wa ti, NguLegiona; ngokuba amademone amaningi a be ngene kuye. **31** A m ncenga ukuba a nga wa yali, a ti a ye kwa Lasha. **32** Kwa ku kona lapo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

umhlambi wezingulube eziningi zi hxabile entabeni: a m ncenga ukuba a wa vumele a ngene kuzo. Wa wa vumela. **33** Amademone a puma ku lo muntu, a ngena ezingulubeni: kwa gulugudela umhlambi wa keleketela ecibini nga sesiweni, wa minza. **34** Aba be z'alusa ba t'ukubona okwenzekileyo, ba baleka, ba ya ba bika emzini na sezweni. **35** Ba pumake ba ya kobona okwenzekileyo; ba fika ku Jesu, ba fumanisa lo muntu, oku pume kuye amademone, e hlezi nga sezinyaweni zi ka Jesu, embete, e se sangulukile: b'esaba. **36** Abakubonileyo ba ba bikela ukuti lo owa be e kwelwe amademone u sindiswe kanjani. **37** Isiqumbi sonke saba sesifundeni samaGerase sa m cela ukuba a muke kubo; ngokuba ba be banjwe ukwesaba okukulu: wa ngena esikebheni, wa buya. **38** Kepa lo muntu oku pume kuye amademone wa m nxusa ukuba a be naye: kepa wa m mukisa, e ti, **39** Buyela ekaya, u ba balisele loku okungaka uNkulunkulu a kwenzele kona. W'emukake, e shumayela emzini wonke loko okungaka uJesu a m enzele kona.

40 Kwa t'uba a buye uJesu, isixuku sa m takazela; ngoba ba be m bhekile bonke. **41** Bheka, kwa fika umuntu ogama lake nguJayiro, e umpati wesinagoge: wa wa pansi nga sezinyaweni zi ka Jesu, wa m ncenga ukuba a ngene endhlini yake; **42** ngoba wa e nendodakazi e yodwa, okungati i neminyaka e ishumi nambili, i si fa. Kepa e sa hamba izixuku za m minyanisa.

43 Owesifazana owa e gobha igazi iminyaka e ishumi nambili, e se citile ezinyangeni konke a be pila ngako, e nge na kupiliswa na ubani, **44** w'eza ngasemva, wa namata umpeto wengubo yake: kwa nqamuka masinyane ukugobha kwake igazi. **45** UJesu wa ti, Ngi namatwe ubani na? Se be pike bonke, wa ti uPetro, naba be naye, Nkosi, izixuku zi ku cindezele zi ku kandanisile. **46** Kepa uJesu wa ti, Ku kona onginamatileyo; ngoba ng'azi ukuti ku pume amandhla kimi. **47** Wa ti owesifazana ukubona ukuba a ka siteki, w'eza e tutumela, wa wa pansi pambi kwake wa landa pambi kwabantu bonke isici esona a m namate ngaso, nokuti wa puluka konalapo. **48** Wa ti kuye, Ndodakazi, ukukolwa kwako ku ku sindisile; hamba kahle.

49 E sa kuluma, kwa fika o vela kwa mpati wesinagoge, wa ti, Indodakazi yako i si file; u nga m qobi uMfundisi. **50** Kepa uJesu e ku zwa loku, wa m pendula wa ti, U ng'esabi: kolwa nje, i za kusinda. **51** E se fikile endhlini, a ka vumanga ukuba ku ngene muntu naye, kupela uPetro, noJohane, noJakobe, noyise wentombazana nonina. **52** Ba be yi kalela bonke, be mbongoza: kepa wa ti, Ni nga kali; ngoba a i file, i lele nje. **53** Ba m hleka usulu, bazi ukuti i file. **54** Kepa yena wa i bamba ngesandhla, wa yi biza, wa ti, Ntombazana, vuka. **55** Wa buya umoya wayo, ya vuka konalapo: wa yala ukuba i nikwe ukudhla. **56** Abazali bayo ba nkema: wa ba yala ukuba ba nga tsheli muntu okwenzekileyo.

9 Wa bizela ndawonye aba ishumi nambili, wa ba nika amandhla nesiqolo pezu kwamademone onke, nokupilisa izifo. **2** Wa ba tuma ukuba ba ye kushumayela umbuso ka Nkulunkulu, ba pulukise abagulayo. **3** Wa ti kubo, Ni nga pati luto lwendhlela, na ludondolo, na yika, na sinkwa, na mali; ni nga bi namabantshi amabili. **4** Nakuba iyipi indhlu eni ngena kuyo, hlalani kona, ni buye ni muke kona. **5** Bonke abanganamkeliyo, a no ti nxa ni puma ku lowo muzi, ni vutulule utuli ezinyaweni zenu ku be ubufakazi ngabo. **6** B'esukake, ba ya ba dabula imizi ngemizi, be shumayela ivangeli, be pilisa ezindaweni zonke.

7 Kwa ti uHerode inkosi yesifunda w'ezwa konke okwenziwayo: wa sambateka, ngoba kwa tiwa abanye, uJohane u vukile kwabafileyo; **8** abanye ba ti, u hlalukile uElija; abanye ba ti, ku vuke omunye waba-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukupiwa kwesixuku. UJesu u penduka esinye isimo.

profeti abadala. 9 Kepa uHerode wa ti, UJohane nga m nquma ikanda: ubani ke lo, engi zwa oku nje ngaye na? Wa funa ku nga a nga m bona.

10 Abapostoli se be buyile ba m landisa abakwenzileyo. Wa ba tabata, w'emuka nabo be bodwa wa ya emzini o tiwa iBetesayida. 11 Kepa izixuku se zi kwazi za m landela: wa zi takazela, wa kuluma kuzo ngombuso ka Nkulunkulu; aba be dinga ukwelatshwa wa ba pulukisa. 12 Imini ya i si qala ukugeba; aba ishumi nambili b'eza, ba ti kuye, Mukisa isixuku, si ye emizaneni na semapandhleni azungezileyo, si ngenise, si tole ukudhla: ngoba si sendaweni e ihlane lapa. 13 Kepa wa ti kubo, Ba peni ba dhle. Ba ti, Si nezinkwa ezi isihlanu nezinhlanzi ezimbili qwaba; ukupela uma si ya si ba tengele laba bantu bonke ukudhla. 14 Ngoba kwa ku kona oku nga ti amadoda a izinkulungwane ezi isihlanu. Wa ti ku bafundi bake, Ba cambalaliseni ngamaviyo, amashumi ngamahlanu. 15 B'enze njaloke, ba ba cambalalisa bonke. 16 Wa tabata izinkwa ezi isihlanu nezinhlanzi ezimbili, wa bheka ezulwini, wa zi busisa, wa zi hlepula; wa zi nika abafundi ukubeka pambi kwesixuku. 17 Ba dhlake, ba suta bonke; kwa butwa amavutuluka a sele kubo, amaqoma a ishumi nambili.

18 Kwa ti ke, e kuleka ngasese, abafundi ba be naye: wa ba buza, wa ti, Izixuku zi ti ngi ngubani na? 19 Ba pendula ba ti, UJohane umBapatizi; kepa abanye ba ti, uElija; abanye ba ti, ku vuke omunye wabaprofeti abadala. 20 Wa s'e ti kubo, Po, nina ni ti ngi ngubani na? UPetro wa pendula wa ti, U nguKristu ka Nkulunkulu. 21 Wa ba yala, wa gcizelela ukuba ba nga ku tsheli muntu loku; 22 e ti, INdodana yomuntu i melwe ukuhlupeka ngokuningi, i nqatshwe amalunga nabapristi abakulu nababhali, i bulawe, i vuswe ngosuku lwesitatu. 23 Wa s'e ti kubo bonke, Uma umuntu e tanda ukuza emva kwami, ka zidele, a tabate isipambano sake imihla ngemihla, a ngi landele. 24 Ngokuba o tanda ukusindisa ukupila kwake u ya kulahlekelwa iko; kepa o lahlekelwa ukupila kwake ngenxa yami, u ya kukusindisa. 25 Ngoba umuntu u sizwa nga kupi, uma e zuza umhlaba wonke, a be e zi lahlile, a zonakalisile uqobo lwake. 26 Ngokuba lowo o ya kuba nezinhloni ngami na ngamazwi ami, iNdodana yomuntu i ya kuba nezinhloni ngaye, lapo i za ngobukosi bayo, nobu ka Yise, nobezingelosi ezingcwele.

27 Kepa ngi ya ni tshela iqiniso, Ba kona abanye kwab'emi lapa, aba nga yi kuzwa neze ukufa, ba ze ba bone umbuso ka Nkulunkulu.

28 Kwa ti emva kwa lawa mazwi kungati izinsuku ezi isishiyangalombili, wa tabata uPetro noJohane noJakobe, w'enyukela entabeni e ya kutandaza. 29 Kwa ti ekutandazeni kwake, isimo sobuso bake sa ba ngokunye, ingubo yake ya ba mhlope ya xopa. 30 Nankoke, amadoda amabili e kuluma naye, a e nguMoses noElija; 31 a bonakala e nobucwazicwazi, a kuluma ngokumuka kwake a be se za kukufeza eJerusalem. 32 UPetro naba be naye ba be sindwa ubutongo: kepa se be papeme, ba bona ubucwazicwazi bake, namadoda amabili a e mi naye. 33 Kwa ti, e s'ahlukana naye, uPetro wa ti ku Jesu, Nkosi, kuhle ukuba si be lapa; a s'ake amadokodo amatatu; elinye li be elako, nelinye li be eli ka Moses, nelinye li be eli ka Elija: e nga kwazi akushoyo. 34 E sa kuluma loku, kwa fika ifu, la ba sitibeza: b'esaba ekungeneni kwabo efwini. 35 Izwi la vela efwini, li ti, Lo u iNdodana yami, eketiweyo: yi zweni. 36 Kwa t'uba li fike izwi, uJesu wa funyaniswa e yedwa. Ba tula bona, a ba tshela muntu nga leyo mihla uto lwa lezi zinto abazibonileyo.

37 Kwa ti ke, ngangomso, se behlile entabeni, isixuku esikulu sa m hlangabeza. 38 Nangoke, umuntu wa sesixukwini wa memeza,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umfana o nesitutwane. Ubunkanankana bobufundi.

wa ti, Mfundisi, ngi ya kunxusa ukuba u bheke indodana yami; loku i yodwa qoko kimina: **39** bheka, umoya u ya yi bamba, i dazuluke masinyane; u ya i hlukumeza i kihlize amagwebu, w'andu kumuka kuyo kalukuni, u su yi zukile. **40** Ngi nxuse abafundi bako ukuba ba wu kipe; b'ahluleka. **41** UJesu wa pendula wa ti, Au, sizukulwane esingakolwayo nesixabileyo, ko ze ku be nini ngi nani, ngi ni bekezelela? yi lete lapa indodana yako. **42** I se za, idemone la yi sansalaza pansi, la yi gongobalisa kakulu. UJesu wa kuza umoya ongcolileyo, wa pulukisa umfana, wa m buyisela ku yise. **43** Ba shaqeka bonke ngobudhlondhlobala bu ka Nkulunkulu.

Be sa mangala bonke ngako konke akwenzileyo, wa ti ku bafundi bake, **44** Geqelani izindhlebe zenu lawa mazwi: ngoba iNdodana yomuntu i ya kukashelwa ezandhleni zabantu. **45** Kepa a b'ezwisisanga loku kusho, kwa ku sitekile kubo, ukuba ba nga ku qondi; b'esaba nokumbuza nga loku kusho.

46 Kwa se ku vela ukuzindhlisana pakati kwabo, kokuti umupi o nga hle a be mkulu kubo. **47** Wa ti uJesu ukubona ukuzindhla kwenhliziyo yabo, wa tabata umntwana, wa m misa nga kuye, **48** wa ti kubo, O ya kwamkela lo mntwana ngegama lami wamkela mina: naye o ya kungamkela mina wamkela owangitumayo: ngoba omncinyane pakati kwenu nonke, uyena omkulu.

49 UJohane wa pendula wa ti, Nkosi, sa bona umuntu e kipa amademone ngegama lako; sa m nqabela, ngokuba a ka landelani nati. **50** Kepa uJesu wa ti, Ni nga m nqabeli: ngoba o nga melene nani u mi nani.

51 Kwa ti, se zi gcwaliseka izinsuku zokuba a kushulelwe pezulu, wa bhekisa amabombo ake ukuya eJerusalem, wa tuma izigijimi pambi kwobuso bake: **52** za hamba, za ngena emzaneni wamaSamariya, ukuba zi m lungisele. **53** Kepa a ka m amkelanga, ngokuba amabombo ake a e qonde eJerusalem. **54** Abafundi bake uJakobe noJohane, se be bonile loku, ba ti, Nkosi, u ya tanda ukuba si sho, kwehle umlilo ezulwini, u ba qotule na?

55 Kepake wa guquka, wa ba kuza. **56** Ba se be ya komunye umzana.

57 Kwa ti be hamba endhleleni, umuntu otile wa ti kuye, Ngi za kukulandela napi lapo u ya kona. **58** UJesu wa ti ke kuye, Izimpungushe zi nemibhalu, izinyoni zezulu zi nezidhleke; inganti iNdodana yomuntu a i na ndawo lapo i nga lalisa kona ikanda. **59** Wa ti ke komunye, Ngi landele. Wa ti yena, Nkosi, ngi vumele, ke ngi ye kumbela ubaba kuqala. **60** Kepa wa ti kuye, Yeka abafileyo ba mbele abafileyo babo: hamba wena u ye kushumayela umbuso ka Nkulunkulu. **61** Omunyeke futi wa ti, Ngi za kukulandela, Nkosi; kepa ngi vumele, ke ngi ye kuvalelisa aba sekaya. **62** Kepa uJesu wa ti kuye, A kuko muntu, o ti nxa e beke isandhla sake egejeni, a buke ngasemva, o fanele umbuso ka Nkulunkulu.

10 Emva kwa lezi zintoke iNkosi ya hlahla abanye aba mashumi a isikombisa, ya ba tuma ngababili pambi kwobuso bayo ukuya emizini yonke na sezindaweni zonke, e bi za kuya kuzo yona. **2** Ya ti kubo, Ukuvuna pela ku kulu, kodwa izisebenzi zi ingcozana: ngakoke nxusani iNkosi yokuvuna, ukuba i kipe izisebenzi zi ye ekuvuneni kwayo. **3** Hambani; bhekani, ngi ya ni tuma ni njengezimvana pakati kwezimpisi. **4** Ni nga pati sikwama, na yika, na zicatulo; ni nga bingeleli muntu endhleleni. **5** Nakuba i yipi indhlu eni ya kungena kuyo, qalani ni ti, Ukutula a ku be ku le ndhlu. **6** Uma ku kona lapo indodana yokutula, ukutula kwenu ku za kuhlala pezu kwayo: uma ku nge njalo, ku za kubuyela kini. **7** Hlalani ku yona leyo ndhlu, ni dhle ni puze aba ni pa kona: ngoba isisebenzi si fanelwe inkokelo yaso.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Uhambo lwaba mashumi a isikombisa. UmSamariya olungileyo.

Ni nga bi iloku ni ngena ni puma izindhlu ngezindhlu. **8** Na ku mupi umuzi eni ngena kuwo, ba n'amkele, yidhlani loko oku bekwa pambi kwenu: **9** ni pilise abagulayo aba kuwo, ni ti kubo, Umbuso ka Nkulunkulu u sondele kini. **10** Kepa na mupi umuzi eni ya kungena kuwo, ba nga n'amkeli, pumelani ezitaladini zawo ni ti, **11** Notuli lomuzi wenu, olu namatele ezinyaweni zetu, si ya lu hlangulela kini: nokoke yazini loku ukuti, umbuso ka Nkulunkulu u sondele kini. **12** Ngi ti kini, Ku ya kuba lula kulo iSodom nga lolo suku, kuna ku lowo muzi. **13** Maye wena, Korazin! Maye wena Betesayida! ngoba uma be kwenziwe eTire na seSidon imisebenzi yamandhla, eyenziwe kini, nga ku be kade ya penduka, i hlala ngendwangu yamasaka na ngomlota. **14** Noko ku ya kuba lula kulo iTire neSidon ekwahluleleni, kuna kinina. **15** Nawe, Kapernaum, u ya kupakanyiselwa ezulwini na? u ya kwehliselwa eHayidese. **16** Onizwayo u zwa mina; oninqabayo u nqaba mina; o nqaba mina u nqaba owangitumayo.

17 Aba mashumi a isikombisa ba buya be tokoza, be ti, Nkosi, nawo amademone a ya si tobela ngegama lako. **18** Wa ti kubo, Nga bona uSatane e wile ezulwini njengonyazi. **19** Bhekani, ngi ni nikile isiqolo, sokunyatela izinyoka na ofezela, namandhla onke esita: a ni yi kwoniwa luto neze. **20** Nokoke ni nga tokozi ngaloku, kokuba omoya ba ya ni tobela; kepa tokozani ngoba amagama enu a lotshiwe ezulwini.

21 Nga sona leso sikati uJesu w'etaba ngoMoya oNgcwele, wa ti, Ngi ya ku bonga, Baba, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba u fihle loku kwabahlakanipileyo nabaqondileyo, wa kwambula ezinganeni: yebo, Baba; ngokuba loku kwa ba kuhle pambi kwako. **22** Zonke izinto ngi zi nikwe nguBaba: a kako oyaziyo iNdodana ukuba i ngubani, kupela uYise; noYise ukuti u ngubani, kupela iNdodana, na lowo iNdodana e tanda ukumambulela yena. **23** Wa s'e guqukela ku bafundi wa ti ngasese, A busisiwe amehlo a bona izinto enizibonayo: **24** ngoba ngi ti kini, baningi abaprofeti namakosi aba be tanda ukubona enikubonayo, a ba ku bonanga; nokuzwa enikuzwayo, a ba ku zwanga.

25 Bheka, kwa sukuma otile ofundileyo emtetweni wa m linga, e ti, Mfundisi, ngi ng'enza ntoni ukuba ngi dhle ubufa ukupila okumiyo njalo? **26** Wa ti kuye, Ku lotshweni emtetweni? u funda kanjani? **27** Wa pendula wa ti, Wo tanda iNkosi uNkulunkulu wako ngenhliziyo yonke yako, na ngompefumulo wonke wako, na ngamandhla onke ako, na ngengqondo yonke yako; nomakelwane wako njengokuzitanda kwako. **28** Wa ti kuye, U pendule kahle: yenza loku, wo pila. **29** Kepa yena, e tanda ukuziteta, wa ti ku Jesu, Umakelwane wami u ngubani na? **30** UJesu wa pendula wa ti, Umuntu otile wa ehla eJerusalem e ya eJeriko; wa teleka pakati kwezigcwelegcwele, za m hlubula izingubo za m kubaza, z'emuka, za m shiya se ku sele umndondo nje. **31** Kwa ti nje kw'ehla nga leyo ndhlela umpristi otile: e m bona, wa gwema kuye. **32** Kwa njaloke nomLevi, e fike ku leyo ndawo, wa m bona, wa gwema kuye. **33** Kepa umSamariya otile, e hamba, wa fika lapa e kona: wa ti ukumbona, wa ba nesihe, **34** wa ya kuye, wa m bopa amanxeba, e tela amafuta newayini; wa m kwelisa esilwaneni sake, wa m yisa endhlini yezihambi, wa m onga. **35** Ngangomso wa kipa osheleni ababili, wa ba nika umninindhlu, wa ti, M onge; na kupi o nga ba nezindhleko ngako, ngo ku nika kona ekubuyeni kwami. **36** Yimupike ku laba abatatu, ngokubona kwako, owa ba umakelwane ku lowo owa teleka pakati kwezigcwelegcwele na? **37** Wa ti, Ngowa m enzela isihau. UJesu wa ti kuye, Hamba nawe, wenze njalo.

38 Kwa ti ekuhambeni kwabo, wa ngena emzaneni otile: owesifazana otile igama lake uMarta wa m amkela endhlini yake. **39** Wa e nodade wa-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umtandazo weNkosi. AbaFarisi ba ncipaza umsebenzi wake.

bo o tiwa uMariya, owa hlala nga sezinyaweni zeNkosi, w'ezwa izwi layo. 40 Kepa uMarta wa e shamasheka ngokusebenza okuninginingi; w'eza kuye wa ti, Nkosi, a u kataleli yini ukuba udade wetu a ngi shiye ngi sebenza ngedwa na? Yisho kuye ukuba a ngi size. 41 Kepa iNkosi ya pendula ya ti kuye, Marta, Marta, u pisekile u yaluza ngezinto eziningi: 42 kepa ku dingeka into inye: ngoba uMariya u ketile isabelo esilungileyo, a nga yi kwapucwa sona.

11 Kwa ti, e tandaza endaweni etile, e se pezile, omunye wabafundi bake wa ti kuye, Nkosi, si fundise ukutandaza, njengoba noJohane naye wa fundisa abafundi bake. 2 Wa ti kubo, Nxa ni tandaza, a no ti, Baba, Ma li ngcweliswe igama lako. Umbuso wako ma u ze. 3 U si pe imihla ngemihla ukudhla kwetu okwaneleyo. 4 U si tetelele izono zetu; ngokuba nati si tetelela bonke aba necala kiti. U nga si ngenisi ekulingweni.

5 Wa s'e ti kubo, U mupi kinina o nga ti e nomhlobo, a suke a ye kuwo pakati kwobusuku, a ti kuwo, Mhlobo, ngi tsheleke izinkwa zi be ntatu; 6 ngokuba ku fike kimi umhlobo wami e hamba, kepa a ngi nanto yokubeka pambi kwake; 7 a pendule o pakati a ti, U nga ngi hlupi: se ku valiwe emnyango, abantwana bami ba lele kanye nami; a ngi na kuvuka ngi ku nike? 8 Ngi ti kini, Noma e nga vuki a m nike ngokuba e ngumhlobo wake, kepa ngokufundekela kwake u ya kuvuka a m nike konke akudingayo. 9 Ngi ti kini, Celani, ni ya kupiwa; funani, ni ya kufumana; ngqongqotani, ni ya kuvulelwa. 10 Ngokuba wonke ocelayo u yamkeliswa; nofunayo u ya fumana; nongqongqotayo u ya kuvulelwa. 11 U mupi kambe kinina o nguyise okungati nxa indodana yake i cela isinkwa, a yi nike itshe na? nokuba i cela inhlanzi, endaweni yenhlanzi a yi nike inyoka na? 12 Uma i cela iqanda, a yi nike ufezela na? 13 Poke, uma nina, ni babi nje, n'azi ukubapa abantwana benu izipo ezilungileyo, kakulu kangakanani u Yihlo o sezulwini wo ba pa aba cela kuye uMoya oNgcwele?

14 Wa e kipa idemone ela li isimungulu. Kwa ti, se li pumile idemone, o isimungulu wa kuluma; izixuku za mangala. 15 Kepa abanye kubo ba ti, U kipa amademone ngoBelzebule isikulu samademone. 16 Abanye, be m linga, ba funa kuye isibonakaliso esi vela ezulwini. 17 Kepa yena, e y'azi imicabango yabo, wa ti kubo, Ilowo mbuso o wahlukene wodwa u ya citeka; nendhlu e yahlukene nendhlu i ya wa. 18 Uma uSatane ahlukene yedwa, umbuso wake u ya kuma kanjani na? ngokuba ni ti ngi kipa amademone ngoBelzebule. 19 Uma mina ngi kipa amademone ngoBelzebule, po, amadodana enu a wa kipa ngobani na? ngalokoke wona a ya kuba abahluleli benu. 20 Kepa nxa mina ngi kipa amademone ngomunwe ka Nkulunkulu, umbuso ka Nkulunkulu se u fikile kini. 21 Uma isiqwaga si hlomile si linda umuzi waso, esi nako ku hlezi kahle: 22 kepa uma o isiqwaga kunaso a si fikele, a si nqobe, u ya s'apuca izikali zaso zonkana e be si tembe kuzo, a kwabe akupangileyo. 23 O nge nami u melene nami; n'o nga buti nami u ya hlakaza. 24 Ku ya ye ku ti nxa umoya ongcolileyo e puma ku muntu, a dabule izindawo ezi nge namanzi, e funa ukupumula; e nga ku fumani, u ti, Ngi za'ubuyela endhlini yami enga puma kuyo. 25 A ti ke ekufikeni kwake, a yi fumane i shaneliwe i hlotshisiwe, 26 A be se hamba, a yo tata abanye omoya aba isikombisa ababi kunaye; ba ngene ba hlale kona: impeto ya lowo muntu i be mbi kunokuqala kwake.

27 Kwa ti e sa kuluma loku, owesifazana otile wa sesixukwini wa nqonqoloza, wa ti kuye, Si busisiwe isisu esakutwalayo, namabele owawancelayo. 28 Kepa wa ti yena, Yebo ikakulu, ba busisiwe ab'ezwa izwi li ka Nkulunkulu, ba li londe.

29 Se ku butana izixuku kuye, wa qala ukuti, Lesi sizukulwane si isizukulwane esibi: si funa isibonakaliso;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku kuzwa aba funa isibonakaliso. U kaca abaFarisi.

kepa a si yi kunikwa sibonakaliso kupela isibonakaliso si ka Jona. **30** Ngoba njengokuba uJona wa ba isibonakaliso kwaba seNineve, iNdodana yomuntu i ya kuba njalo ku lesi sizukulwane. **31** Inkosikazi ya seningizimu i ya kusuka i me ekwahlululeleni kanye nabantu ba lesi sizukulwane, i ba lahle: ngokuba y'eza i vela emajukujukwini omhlaba ukuzwa ukuhlakanipa ku ka Solomon; inganti, ku kona omkulu kunoSolomon lapa. **32** Abantu ba seNineve ba ya kusukuma ekwahluleleni kanye na lesi sizukulwane, ba si lahle: ngokuba ba penduka ngokushumayela ku ka Jona; inganti, ku kona omkulu kunoJona lapa.

33 A kuko muntu, o wokela isibani, a si beke egunjini, na ngapansi kwokamba, kepa u si beka otini lwaso, ukuba abangenayo ba bone ukukanya. **34** Isibani somzimba wako si iso lako: inxa iso lako li lihle, u gcwele ukukanya umzimba wonke wako; kodwa inxa li libi, nomzimba wako u gcwele ubumnyama. **35** Ngakoke qaza ingabe ukukanya oku kuwe ku ubumnyama. **36** Ngakoke uma u gcwele ukukanya umzimba wonke wako, u nge na ndawo emnyama, u ya kugcwala ukukanya wonke, njenga lapo isibani si ku kanyisa ngokubaneka kwaso.

37 Ku te ke e sa kuluma, umFarisi wa m cela ukuba a dhle naye: wa ngena, wa cambalala ekudhleni. **38** Wa ti umFarisi ukubona loko, wa mangala ngokuba e nga qale wa hlamba ngapambi kwokudhla. **39** Ya se i ti kuye iNkosi, Kambe nina baFarisi ni hlambulula ingapandhle lendebe nesitsha; kodwa ingapakati lenu li gcwele ukupanga nokubi. **40** Nina zipukupuku, ow'enza ingapandhle a k'enzanga nengapakati na? **41** Kantike yipani ngesihau ngokungapakati; ko ti ke konke ku hlambululeke kini.

42 Kepa maye nina baFarisi! ngoba ni nikela ngokweshumi iminte nerue nemishana yonke, ni dhlule ukwahlulela nokutanda uNkulunkulu: ingantike nga ni kwenzile loku, ni nga ku yekanga na loko. **43** Maye nina baFarisi! ngoba ni tanda izihlalo ezi pambili emasinagogeni, nokubingelelwa ezindaweni zokubutana. **44** Maye nina! ngoba ni njengamatuna angabonakaliyo, nabantu aba hamba pezu kwawo a ba wazi.

45 Kwa se kupendula omunye wabafundileyo emtetweni, wa ti kuye, Mfundisi, ngokusho loku u ya si jivaza nati. **46** Wa ti ke, Maye nina abafundileyo emtetweni! ngoba netwesa abantu imitwalo e twaleka kalukuni, ni be nina ni nga tinti leyo mitwalo na nga munwe munye wenu. **47** Maye nina! ngoba ni y'aka amatuna abaprofeti, oyihlo ba ba bulala. **48** Ni ngofakazike, ni vumela imisebenzi ya oyihlo: ngokuba bona ba ba bulala, ninake n'aka amatuna abo. **49** Ngalokoke futi ukuhlakanipa ku ka Nkulunkulu kwa ti, Ngi ya kutumela kubo abaprofeti nabapostoli; kuboke ba bulale abanye, ba ba zingele; **50** ukuze ku bizwe ku lesi sizukulwane igazi labaprofeti bonke elapalazwayo, iloku kwa sekelwa umhlaba; **51** ku suka egazini li ka Abeli ku ze ku fike egazini li ka Zakariya owa bubela emkatini welati nendawo engcwele: yebo, ngi ti kini, li ya kubizwa ku lesi sizukulwane. **52** Maye nina abafundileyo emtetweni! ngoba ni susile isihlutulelo sokwazi: a ni ngenanga nina, nabangenayo na ba vimbela.

53 Ku te ukuba a pume kona, ababhali nabaFarisi ba qala ukumxina ngamandhla, nokumoka ukuba a kulume ngezinto eziningi; **54** be m qamela, ukuba ba bambe into e puma emlonyeni wake.

12 Ku se njalonjalo, ku butene izigidi zesixuku, ba ze ba nyatelana, wa qala ukuti ku bafundi bake kuqala, Xwayani imvubelo yabaFarisi, e ngukuzenzisa. **2** Kepa a kuko okusibekelweyo oku nga yi kwambulwa; nokusitekileyo oku nga yi kwaziwa. **3** Ngenxa ya loku konke enikushiloyo ebumnyameni ku ya kuzwiwa ekukanyeni; na loko enikulumi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

leyo endhlebeni emakamelweni a pakati ku ya kumenyezelwa pezu kwezindhlu. 4 Ngi ti kini zihlobo zami, Ni nga b'esabi aba bulala umzimba, ngasemva kwa loko be nga bi be sa ba na nto abangayenzayo. 5 Kepa ngi ya kunibonisa eni ya kumesaba: m esabeni lowo o te emva kwokuba e se bulele u namandhla okuponsa egehena; yebo, ngi ti kini, M esabeni lowo. 6 A ku tengwa yini imizwilili e isihlanu ngezindibilishi ezimbili? kanti a kuko na munye kuyo okohlileyo emehlweni ka Nkulunkulu. 7 Kodwake ku baliwe nezinwele zonke zekanda lenu. Ni ng'esabike: ni dhlula imizwilili eminingi. 8 Ngi ti kini, Wonke o ya kungivuma pambi kwabantu, iNdodana yomuntu i ya kumvuma nayo pambi kwezingelosi zi ka Nkulunkulu: 9 kepa o ngi pika emehlweni abantu u ya kupikwa emehlweni ezingelosi zi ka Nkulunkulu. 10 Wonke o kuluma izwi elibi ngeNdodana yomuntu, u ya kutetelelwa: kepa o hlambalaza uMoya oNgcwele ka yi kutetelelwa. 11 Nxa be ni yisa pambi kwombutano wamasinagoge, na sezinduneni, na kuzo izipatimandhla, ni nga piseki ngokuti ni ya kuzipendulela kanjani ni tini, nokuba ni ya kukulumani: 12 ngoba uMoya oNgcwele u ya kunifundisa nga sona leso sikati oku fanele ukuba ni ku kulume.

13 Omunye wesixuku wa ti kuye, Mfundisi, yisho kumfo wetu ukuba abelane ifa nami. 14 Wa ti kuye, Muntundini, ubani o ngi mise ukuba ngi be umahluli nomabi pezu kwenu na? 15 Wa ti kubo, Qapelani, ni zilinde ekufiseni konke: ngokuba ukupila kwomuntu a ku mi ngokucicima kwezinto a nazo. 16 Wa s'e kuluma umfanekiso kubo, e ti, Izwe lomuntu otile ocebileyo la tela kahle: 17 wa zindhla pakati kwake, wa ti, Ngi za kwenze njani, loku ngi nge na ndawo engi nga butela kuyo ukudhla kwami? 18 Wa ti ke, Ngi zo kwenza loku; ngi za kubidhliza amadhladhla ami, ng'ake amakulu; ngi butele kona onke amabele ami nempahla yami. 19 Ngi ti empefumlweni wami, Mpefumulo, u nempahla eningi e bekelwe iminyaka eminingi; a k'u pumule, u dhle, u puze, wejaje. 20 Kepa uNkulunkulu wa ti kuye, Wena sipukupuku, nga lobu busuku umpefumulo wako u za kubizwa kuwe; lezi zintoke ozilungisileyo zi za kuba ezi ka bani na? 21 U njalo o zibekelelela ingcebo, e nga cebile ku Nkulunkulu.

22 Wa s'e ti ku bafundi bake, Ngalokoke ngi ti kini, Ni nga pisekeli ukupila kwenu, okokuti ni ya kudhlani; nomzimba wenu okokuti ni ya kwambatani. 23 Ngokuba ukupila ku kulu kunokudhla, nomzimba kunesambato. 24 Qondani amagwababana, ukuti a ka hlwanyeli, a ka vuni; a ka na ngobo na dhladhla; kepa uNkulunkulu u ya w'ondhla: ninake ni zi dhlula kakulu kangakanani izinyoni na! 25 U mupi kini o nga ti ngokupiseka elekele ebudeni bokupila kwake ingalo na? 26 Po uma ni ng'enze noma okuncinyane, yini ukuba ni pisekele okunye na? 27 Qondani iminduze, ukumila kwayo: a i kandhleki, a i poti; kepa ngi ti kini, NoSolomon ekukazimuleni konke kwake k'ambatisanga okwomunye wayo. 28 Kepa uma uNkulunkulu embesa kanjalo utshani endhle, obu kona namhla, ngangomso bu ponswa eziko; kakulu kangakanani nina, aba nokukolwa okuncinyane na? 29 Ni nga funi eni ya kukudhla, neni ya kukupuza, ni nga ngabazi. 30 Loku konke ku funwa izizwe zomhlaba: kepa uYihlo wenu u yazi ukuba ni swele loku. 31 Kantike funani umbuso wake, konke loku ku ya kwelekelwa kini. 32 Ni ng'esabi, mhlambi omncinyane; loku ku intando ka Yihlo ukuninika umbuso. 33 Tengisani ngeni nako, ni pe ngesihau; ni z'enzele izikwama ezingagugiyo, ingcebo ezulwini engaputiyo, lapo ku nga sondeli sela, nenundu i nga citi. 34 Ngokuba lapa i kona ingcebo yenu, i ya kuba kona nenhliziyo yenu.

35 A zi me zi bincwe ngebande izinkalo zenu, nezibani zenu zokelwe; 36 nani ni be njengabantu aba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

bheke inkosi yabo nxa i buya edilini lomtimba; ukuba ku ti, nxa i fika i ngqongqota ba yi vulele masinyane. **37** Zi busisiwe lezo zinceku, inkosi e ya kuti i fika i zi fumane zi lindile: ngi qinisile ngi ti kini, i ya kubinca yona, i zi hlalise ekudhleni, i ze i zi konze. **38** Uma i fika ngomlindo wesibili, noma ngowesitatu, i zi fumane zi njalo, zi busisiweke lezo. **39** Kepa yazini loku, ukuti uma umninindhlu e be s'azi isikati eli za kufika ngaso isela, u be ya kulinda, e nga yi yekanga i gejulwe indhlu yake. **40** Nanike yibani ni lungile: ngokuba iNdodana yomuntu i ya kufika ngesikati eningasicabangiyo.

41 UPetro wa ti, Nkosi, u kuluma lo mfanekiso kitina, nokuba kubo bonke na? **42** INkosi ya ti, Ngumupi po, umpati'muzi otembekayo nohlakanipileyo, inkosi yake e ya kummisa pezu kwabendhlu yayo, ukuba a ba nike isabelo sabo sokudhla ngesikati esifaneleyo. **43** I busisiwe leyo nceku, enkosi yayo i ti i fika i yi fumane yenze njalo. **44** Iqiniso ngi ti kini, i ya kuyimisa pezu kwako konke e nako. **45** Kepa uma leyo nceku i ti enhliziyweni yayo, Inkosi yami i libele ukufika; i qale ukushaya izisebenzi zesilisa nezesifazana, i dhle i puze, i dakwe; **46** inkosi ya leyo nceku i ya kufika ngosuku e nga yi bhekile ngalo, na ngesikati engasaziyo, i yi nqamule kabili, i yi misele isabelo sayo kanye naba nga tembekile. **47** Leyo nceku e bi y'azi intando yenkosi yayo, ka ya lungisa, ka y'enza ngokwentando yayo, i ya kushaywa imivimbo eminingi; **48** kepa o be ng'azi, w'enza oku fanele imivimbo, u ya kushaywa imivimbo e ingcozana. Wonke o nikwe okukulu, ko bizwa okukulu kuye: na lowo o patiswa okukulu, ko funwa oku ngapezulu kuye.

49 Ngi ze kuponsa umlilo emhlabeni; au, ukufuna kwami kwanga nga se u penjiwe! **50** Kepa ngi nobapatizo engi za kubapatizwa ngalo; ngi cindezeleke kangakanana lu ze lu fezeke! **51** Ni ti ngi ze kunika ukutula emhlabeni na? Ayi, ngi ti kini; kantike ngi leta ukwahlukana: **52** ngoba ku sukela manje ko ba kona abahlanu endhlin'inye bahlukene abatatu nababili, ababili nabatatu. **53** Ba ya kwahlukana, uyise nendodana, indodana noyise unina nendodakazi, indodakazi nonina; uninazala nomalukazana wake, umalukazana noninazala.

54 Wa ti futi ezixukwini, Inxa ni bona ifu li kupuka entshonalanga, ni ti masinyane, Ku za isihlambi; ku be njalo. **55** Uma ni bona umzantsi u pepeta, ni ti, Ku zo ba kona isamvu; u be njalo. **56** Nina bazenzisi, ni ya kwazi ukucasisela ukubonakala kwomhlaba nezulu; yini ukuba ni nga kwazi ukucasisela lesi sikati na? **57** Yebo yini ukuba na ngokwenu nje ni ngahluleli ngokulungileyo? **58** Ngoba nxa u ya enkosini nokumangaleleyo, u se sendhleleni yenza isineke sokuba u kululeke kuye; funa mhlaumbe a ku hudulele ku mahluli, umahluli a ku yise kulo ipolisa, ipolisa li ku ponse etilongweni. **59** Ngi ti kuwe, A u soze wa puma kona, u ze u koke imalana yokupela.

13 Kwa ku kona nga yona leyo nkati abatile aba m tshela ngaba seGalile, igazi labo uPilatu a li xubanisa nemihlatshelo yabo. **2** Wa pendula wa ti kubo, Ni ti labo ba seGalile ba be izoni kunabo bonke aba seGalile, ngokuba b'ehlelwa ilezi zinto na? **3** Ngi ti kini, Qa: kepa, uma ni nga penduki, ni ya kububa ngokunjalo nonke. **4** Na labo aba ishumi nesishiyangalombili, owa wela pezu kwabo umboshongo wa seSiloam, wa ba bulala, ni ti labo ba be namacala ngapezu kwabantu bonke abakileyo eJerusalem na? **5** Ngi ti kini, Qa: kepa, uma ni nga penduki, ni ya kububa kanjalo nonke.

6 Wa s'e kuluma lo mfanekiso wokuti; Umuntu otile wa e nomkiwane u tshaliwe esivinini sake; w'eza e funa izitelo kuwo, a ka zi fumana. **7** Wa ti esisebenzini sesivini, Bheka, le minyaka emitatu ngi za ngi funa izitelo ku lo mkiwane, ngi nga zi fumani: wu gaule; yini ukuba wone

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nomhlabati? 8 Wa pendula yena wa ti kuye, Nkosi, wu yeke na nonyaka, ngi ze ngi mbe kuwo, ngi tele umquba: 9 uma se u zo tela izitelo, kuhle; kepa uma ku nge njalo, wo wu gaulake.

10 Wa e fundisa kwenye yamasinagoge ngesabata. 11 Nangoke, owesifazana owa e se nomoya wobutakataka iminyaka e ishumi nesishiyangalombili; e gobile, e nge na kululama nakanye. 12 Wa ti uJesu ukumbona, wa m biza, wa ti kuye, Mame, u kululiwe ebutakatakeni bako. 13 Wa beka izandhla pezu kwake; wa se ti ngcwi konalapo, wa m dumisa uNkulunkulu. 14 Umpati wesinagoge wa pendula, e casukile ngokuba uJesu e pilise ngesabata, wa ti esixukwini, Ku kona izinsuku ezi isitupa e nga ku setshenzwa ngazo: ngakoke a no kuza nga lezo ni piliswe, ku nga bi ngosuku lwesabata. 15 Kepa iNkosi ya m pendula, ya ti, Nina bazenzisi ilowo kini a ka kumuli yini ngesabata inkabi yake mhlaumbe imbongolo yake emkombeni, a yi hole e ya kuyipuzisa na? 16 Be ku nga fanele yini ukuba lo, o indodakazi ka Abraham, o be boshiwe uSatane le minyaka e ishumi nesishiyangalombili, a kululwe ku lesi sibopo ngosuku lwesabata na? 17 Kwa ti ukuba a sho loku, ba jaba bonke aba be yimpi kuye: sa ti isixuku sonke sa tokoza ngezinto zonke ezitusekayo ezenziwe uye.

18 Ngakoke wa ti, Umbuso ka Nkulunkulu u fana nani na? ngi ya kuwufanisa nani na? 19 U fana nenhlamvu yesinapi, a yi tabata umuntu, wa yi ponsa ensimini yake; ya mila, ya ba umuti; izinyoni zezulu za hlala emagatsheni awo.

20 Wa buya wa ti, Umbuso ka Nkulunkulu ngi ya kuwufanisa nani na? 21 U fana nemvubelo, a yi tabata owesifazana wa yi fihla empushini e izilinganiso ezintatu, ya za ya vubeleka yonke.

22 Wa s'e hambake e dabula emizini na semizaneni, e fundisa, e li bangisa eJerusalem. 23 Wa ti otile kuye, Nkosi, ba ingcozana abasindiswayo na? Wa ti kubo, 24 Zamani ukungena ngomnyango onyinyekileyo: ngoba ngi ti kini, baningi aba ya kufuna ukungena, ba nga bi nako. 25 Nxa umninindhlu e se ke wa suka, wa vala umnyango, ni qale ukuma ngapandhle, ni ngqongqote emnyango, ni ti, Nkosi, si vulele; a pendule a ti kini, A ngi n'azi lapa ni vela kona; 26 ni be se ni qalake ukuti, Sa dhla sa puza ebusweni bako, wa fundisa ezitaladini zetu; 27 a ti ke yena, Ngi ti kini, a ngi n'azi lapa ni vela kona; dedani kimi, nina nonke ab'enza okubi. 28 Ko ba kona lapo ukukala nokugedhla amazinyo, la se ni bona uAbraham, noIsaka, noJakobe, nabo bonke abaprofeti, be sembusweni ka Nkulunkulu, nina ni kishelwa ngapandhle. 29 Ba ya kufika be vela empumalanga na sentshonalanga, na senyakato na seningizimu, ba cambalale embusweni ka Nkulunkulu. 30 Bhekani, ba kona abokugcina aba ya kuba abokuqala, ba kona abokuqala aba ya kuba abokugcina.

31 Nga sona leso sikati kwa fika abaFarisi abatile, ba ti kuye, Puma, u hambe lapa: ngokuba uHerode, u funa ukukubulala. 32 Wa ti kubo, Hambani ni ti ku leyo mpungushe, Bheka, ngi kipa amademone ngi pulukise abagulayo namhla na ngomso, ku ti ngosuku lwesitatu ngi peleliswe. 33 Noko ngi melwe ukuba ngi hambe namhla na ngomso na ngomhlomunye: ngokuba ku nge ke kwenzeke ukuba umprofeti a bube ngapandhle kweJerusalem. 34 Au Jerusalem, Jerusalem, wena o bulala abaprofeti, a kande ngamatshe aba tunyelwe kuye! nga ngi tanda kangapi ukubutela ndawonye abantwana bako, njengesikukazi si butela amazinyane aso pansi kwamapiko aso, a ni vumanga! 35 Bhekani, indhlu yenu i shiywe kini i incitakalo: ngi ti kini, A ni yi kungibona, ni ze ni ti, U busisiwe ozayo egameni leNkosi.

14 Kwa ti, e ngene endhlini yomunye waba izikulu ku baFarisi ngesabata ukuba a dhle ukudhla, ba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isifundo sabamenyiweyo nabamemayo. Isimemo esadelwayo.

be m hlomele. 2 Nanguke pambi kwake umuntu e kuhlukile isisu. 3 UJesu wa pendula wa kuluma kwabafundileyo emtetweni na ku baFarisi wa ti, Ku vumekile yini ukupilisa ngesabata? 4 Ba tula nje. Wa e s'e m tabata, wa m pulukisa, wa m mukisa. 5 Wa ti kubo, Umupi wa kini, o nembongolo mhlaumbe inkabi i yele emgodini wamanzi, o nga yi kuyenyula masinyane ngosuku lwesabata na? 6 A ba banga namandhla okumpendula ku lezi zinto.

7 Wa kuluma umfanekiso kwabamenyiweyo, e ba bona be keta izihlalo ezi pambili; wa ti kubo, 8 Uma u menywe umuntu ukuya edilini lomtimba, u nga cambalali esihlalweni esi pambili; funa nga ku be ku kona o isilomo kunawe o menywe uye, 9 e ze o meme wena naye a ti kuwe, Dedela lo muntu; u bu su qala ngamahloni ukutabata indawo e senzansi. 10 Kepa uma u menyiwe, hamba u hlale endaweni e senzansi; ukuba nxa ku fika okumemileyo, a ti kuwe, Mhlobo, yenyukela nga senhla: kona u ya kuba nodumo ebusweni babo bonke aba hlezi nawe ekudhleni. 11 Ngoba wonke ozipakamisayo u ya kutotshwa: nozitobayo u ya kupakanyiswa.

12 Wa ti na kommemileyo, Uma wenza isidhlo sa semini nokuba esa kusihlwa, u nga bizi izihlobo zako, nabafo wenu, naba zalana nawe, nabakelwane bako abacebileyo; funa nabo ba buye ba ku meme futi, wenanwe. 13 Kepa uma wenza idili, mema abampofu, nezilima, nezinyonga, nezimpumpute: 14 u ya kubusiswake; ngoba a ba nako okokukwenana: u ya kwenanwa ekuvukeni kwabalungileyo.

15 Se e zwile loku omunye waba be hlezi naye ekudhleni, wa ti kuye, U busisiwe lowo o ya kudhla embusweni ka Nkulunkulu. 16 Kepa wa ti kuye, Umuntu otile w'enza isidhlo esikulu; wa mema abaningi: 17 wa tuma isigqili sake ngesikati sesidhlo ukuti kwabamenyiweyo, Wozani; ngoba se ku lungile konke. 18 Kepa ba qala bonke ukuzilandulela ngazwi linye. Owokuqala wa ti kuyo, Ngi tenge izwe, ngi bopekile ukuba ngi ye kulibona; ngi ya ku cela, ma ngi landulelwe. 19 Omunye wa ti, Ngi tenge izinkabi ezi ombangqwa abahlanu, ngi ya kozilinga; ngi ya ku cela, ma ngi landulelwe. 20 Omunye wa ti, Ngi ganiwe, nga lokoke a ngi na kuza. 21 Sa fikake leso sigqili, sa bikela inkosi yaso lezi zinto. Wa s'e tukutela umninindhlu, wa ti esigqilini sake, Shesha u pume u ye ezitaladini na sezindhleleni zomuzi, u ngenise lapa abampofu, nezilima nezimpumpute nezinyonga. 22 Sa ti isigqili, Nkosi se kwenziwe njengokuyala kwako, kepa ku se kona indawo. 23 Ya ti inkosi esigqilini, Puma u ye emigwaqweni na sezintangweni, u ba sindezele ba ngene, ukuba i gcwale indhlu yami. 24 Ngoba ngi ti kini, a kako noyedwa wa laba bantu aba be menyiwe o ya kuti mpuya isidhlo sami.

25 Kwa ku hamba naye izixuku ezikulu: wa penduka, wa ti kubo, 26 Uma umuntu e za kimi, e nga zondi uyise, nonina, nomkake, nabantwana, nabafo wabo, na odade wabo; yebo, nokupila kwake, a nge be umfundi wami. 27 N'o nga twali isipambano sake, a ngi landele, a nge be umfundi wami. 28 U mupi kini, uma e tanda ukwaka umboshongo, o nga qali a hlale pansi a bale izindhleko, ukuba u nako yini okwokuyiqeda na? 29 Funa ku ti, e se beke isisekelo, e nge namandhla okuqeda, bonke abambonayo ba qale ukwenza igidigidi ngaye, 30 be ti, Lo muntu wa qala ukwaka, ka banga namandhla okuqeda. 31 Kumbe i yipi inkosi, e ti i ya kwenye inkosi, ukuhlangana nayo ekulweni, i nga qali i hlale pansi i qonde ukuba i namandhla ngezinkulungwane ezi ishumi ukuhlangabezana nezayo kuyo i nezinkulungwane ezi mashumi mabili na? 32 Uma ku nge njalo, i nga ti i se kude leyo, i tume amanxusa, i cele okokutelelana amanzi. 33 Ku njaloke wonke kini o nga shiyi konke a nako, a

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nge be umfundi wami. 34 Ngakoke usaoti u lungile: kepa uma usaoti e dumele, ko yoliswa ngani na? 35 A u sa fanele na mhlabati na mquba: u ya lahlwa ngapandhle. O nezindhlebe zokuzwa, a k'ezwe.

15 Kwa ku sondelake kuye bonke abatelisi nezoni ukumuzwa. 2 AbaFarisi nababhali ba konona, be ti, Lo muntu wamkela izoni, a dhle nazo.

3 Wa s'e kuluma lo mfanekiso kubo wokuti, 4 U mupi umuntu kini, o nezimvu ezi likulu, ku lahleke enye kuzo, a nga zi shiyi ezi mashumi a isishiyangalolunye nesishiyangalolunye ehlane, a ye ku leyo elahlekileyo, a ze a yi tole? 5 Ku t'uba a yi tole, a yi beke emahlombe, e tokoza. 6 E se fike ekaya, a meme izihlobo zake nabakelwane bake, e ti kubo, Tokozani nami, ngoba ngi yi tolile imvu yami e bi lahlekile. 7 Ngi ti kini, Ku njalo na sezulwini, ko ba kona ukutokoza ngesoni si sinye esipendukayo, kuna ngabalungileyo aba mashumi a isishiyangalolunye nesishiyangalolunye, aba nga swele ukupenduka.

8 U mupi owesifazana o nezinhlamvu zemali ezi ishumi, ku lahleke uhlamvu lu lunye, o ng'okeli isibani, a shanele indhlu, a yi funisise a ze a yi tole? 9 Ku t'uba a yi tole, a meme izihlobo zake nabakelwane bake, e ti, Tokozani nami, ngoba ngi lu tolile uhlamvu obe lu ngi lahlekele. 10 Ku njalo, ngi ti kini, ku kona ukutokoza pambi kwezingelosi zi ka Nkulunkulu ngesoni si sinye esipendukayo.

11 Wa ti, Umuntu otile wa e namadodana amabili: 12 encinyane kuwo ya ti ku yise, Baba ngi pe isabelo semfuyo esi qondene nami. Wa b'ahlukanisela a pila ngako. 13 Ku nga ka bi izinsuku eziningi, indodana encinyane ya buta konke ya hamba ya ya ezweni eli kude; ya cita kona imfuyo yayo i hamba ngobuxwala. 14 I si qede konke, kwa ba kona indhlala enkulu ku lelo zwe; ya qala ukuswela. 15 Ya ya ya zihlanganisa nomunye wabantu ba lelo zwe; wa yi tuma ezweni lake ukwalusa izingulube. 16 Ya fisa ukugcwalisa isisu sayo ngemidumba e dhliwa izingulube: ka i piwanga muntu. 17 Kwa t'uba ku se kuyo, ya ti, Ba ngaki abaqashwa ba ka baba aba dakaza ukudhla, ngi be ngi buba ngendhlala lapa! 18 Ngi ya kusuka ngi ye ku baba, ngi ti kuye, Baba, ngonile ezulwini, na semehlweni ako: 19 a ngi sa fanele ukutiwa indodana yako: ng'enze ngi be njengomunye wabaqashwa bako. 20 Ya sukake, ya ya ku yise. Kepa ya ti i se kude, uyise wa yi bona, wa ba nesihe, wa gijima, wa ncika entanyeni yayo, wa y'anga. 21 Indodana ya ti ke kuye, Baba, ng'onile nga sezulwini, na semehlweni ako: a ngi sa fanele ukutiwa indodana yako: 22 kepa uyise wa ti ezincekwini zake, Sheshani ni kipe ingubo enhle, ni y'ambatise; ni yi fake indandato esandhleni, nezicatulo ezinyaweni: 23 ni lete itole elikulupalisiweyo, ni li hlabe, a si dhle, si jaje: 24 ngoba le ndodana yami i bi file, se i buye ya pila; i bi lahlekile, i si toliwe. Ba qalake ukujaja. 25 Kepa indodana yake enkulu ya i sensimini: kwa ti ke la i za i sondela endhlini, y'ezwa ukuvuma nokusina. 26 Ya biza omunye wabafana, ya buza ukuba kwenze njani. 27 Wa ti kuyo, Ku fike umfo wenu; uyihlo u hlabe itole elikulupalisiweyo, ngokuba e m zuzile e pilile. 28 Ya tukutelake, ka ya vuma ukungena: wa puma uyise, wa yi ncenga. 29 Ya pendula ya ti ku yise, Bheka, le minyaka e ngaka ngi ku konza, a ngi zanga ng'eqe umyalo wako; kepa a u zanga u ngi nike na zinyane lembuzi, ukuba ngi jaje nezihlobo zami: 30 ku te ke ukuba ku fike le ndodana yako, e dhle ya qeda nezifebe loko o pila ngako, u yi hlabele itole elikulupalisiweyo. 31 Wa ti kuyo, Mntanami, wena u nami njalo, konke oku ngokwami ku ngokwako. 32 Kepa be si melwe ukujaja nokutokoza: ngoba lo mfo wenu u be file, u se buye wa pila; u be lahlekile, u se toliwe.

16 Wa ti futi ku bafundi, Kwa ku kona umuntu o isicebi, e nompati'muzi; lowoke wa cetshwa kuye

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umpati'muzi o nga lungile. Isicebi noLazaro.

ngokuti u cita impahla yake. 2 Wa m biza, wa ti kuye, Ku yini loku engi ku zwa ngawe? landa indaba yobupati bako; ngoba u nge be u sa ba umpati'muzi. 3 Wa ti umpati'muzi pakati kwake, Ngi za kwenze njani, loku inkosi yami i ng'amuka ubupati'muzi? a ngi namandhla okulima; ngi namahloni ukupanza. 4 Se ngi ya kwazi engi za kukwenza, ukuba ku ti nxa ngi gudhluzwa ebupatini, ba ng'amkele ezindhlini zabo. 5 Wa s'e biza ngabanye aba namacala enkosini yake, wa ti kowokuqala, U necala eli ngakanani enkosini yami na? 6 Wa ti, Amabati a ikulu amafuta. Wa ti kuye, Tabata incwadi yako, u hlale pansi masinyane u lobe amashumi a isihlanu. 7 Wa s'e ti komunye, Wena u necala eli ngakanani? Wa ti kuye, Amakora a ikulu ka kolweni. Wa ti kuye, Tabata incwadi yako, u lobe amashumi a isishiyangalombili. 8 Inkosi yake ya babaza lo mpati'muzi o nga lungile ngokuba enze ngokuhlakanipa: ngoba abantwana ba lesi sikati ba hlakanipile kunabantwana bokukanya ngokwesizukulwane sabo. 9 Ngi ti kini, Z'enzeleni izihlobo ngomamona wokungalungi; ukuba, inxa e pela, n'amkelwe emadokodweni amiyo njalo. 10 Otembekileyo ngokuncinyane u tembekile na ngokukulu: o nga lungile ngokuncinyane ka lungile na ngokukulu. 11 Ngakoke uma kade ni nga tembeki ku mamona wokungalungi, ubani o ya kunipatisa ingcebo eyonayona? 12 Uma kade ni nga tembeki ku loko oku ngokwomunye, ubani o ya kuninika oku ngokwenu na? 13 A kuko sikonzi esi nga konza amakosi amabili: ngoba si ya kuzonda enye, si tande enye; mhlaumbe si bambelele kwenye si delele enye. Ni nge konze uNkulunkulu nomamona.

14 AbaFarisi, be izitandamali, b'ezwa konke loku; ba m hxolodela. 15 Wa s'e ti kubo, Ni ngaba zishaya abalungileyo emehlweni abantu; kepa uNkulunkulu u ya z'azi izinhliziyo zenu: ngoba loko okupakanyiswayo pakati kwabantu ku amanyala emehlweni ka Nkulunkulu. 16 Kwa ku kona umteto nabaprofeti wa za wa fika uJohane: ku sukela ku leso sikati ivangeli lombuso ka Nkulunkulu li ya shunyayelwa, wonke u ya ngena kuwo ngokufuzula. 17 Kepa ku lula ukuba ku dhlule izulu nomhlaba, kunokuba ku we isicashana si sinye somteto.

18 Wonke umuntu o lahla umkake, a ganwe omunye, u ya pinga: na lowo o ganwa o lahlwe yindoda u ya pinga.

19 Kwa ku kona umuntu otile o isicebi, owa embata ezi bubende nezelineni elicolekileyo, e hlala e bunusa imihla ngemihla: 20 isinxibi esitile igama laso uLazaro sa bekwa nga sesangweni lake, si gcwele izilonda, 21 si fisa ukusutiswa imvutuluka e wa etafuleni lesicebi; yebo, kw'eza nezinja za si kota izilonda. 22 Kwa ti, isinxibi sa fa, sa yiswa izingelosi esifubeni si ka Abraham: sa fa nesicebi, s'embelwa. 23 Si seHayidese sa pakamisa amehlo si zwa umunyu, sa bona uAbraham e kude, noLazaro e sesifubeni sake. 24 Sa memeza sa ti, Baba Abraham, ngi haukele u tume uLazaro, ukuba a cwilise isihloko somunwe wake emanzini, a polise ulimi lwami; ngoba ngi ya junjutekelwa ku leli langabi. 25 Kepa uAbraham wa ti, Mtanami, kumbula ukuba w'amkeliswa okuhle kwako ekupileni kwako, uLazaro ngokunjalo yena okubi: kepa manje u ya duduzwa yena, wena u ya junjutekelwa. 26 Futi ngapandhle kwako konke loku, ku misiwe igebe elikulu pakati kwetu nani, ukuze aba lapa be tanda ukuya kini ba ng'enze, ku nga suki lapo na muntu a welele nga kitina. 27 Sa se si ti, Ngakoke ngi ya ku cela, baba, ukuba u m tumele endhlini ka baba; 28 ngoba ngi nabafo wetu aba isihlanu; ukuze a fakaze kubo, funa nabo beze ku le ndawo yomunyu. 29 Kepa uAbraham wa ti, Ba noMoses nabaprofeti; a b'ezwe bona. 30 Sa ti ke, Ayi, baba Abraham: kodwa uma ku ya kubo o vela kwabafileyo, ba ya kupenduka. 31 Wa ti ke

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kuso, Uma be ng'ezwa uMoses nabaprofeti, a ba yi kuvunyiswa, noma ku vuka umuntu kwabafileyo.

17 Wa ti ku bafundi bake, Ku ng'enzeke kambe ukuba ku nga veli izikubekiso; kodwa maye lowo, ezi vela ngaye! **2** Be ku ya kumlungela yena ukuba itshe lokusila li gaxwe entanyeni yake, a lahlwe elwandhle, kunokuba a kubekise omunye ku laba abancinyane. **3** Zixwayeleni: uma umfo wenu ona, m kuze; uma e penduka, m tetelele. **4** Uma e kwona wena kakombisa ngosuku, a buyele kuwe kakombisa, e ti, Ngi ya penduka; wo m tetelela.

5 Abapostoli ba ti eNkosini, S'enezelele tina ukukolwa. **6** Ya ti iNkosi, Uma be ni nokukolwa oku ngange-nhlamvu yesinapi be ni nga ti ku lo msukamini, Sipuleka, u tshaleke elwandhle; u ni lalele. **7** Kepa u mupi kinina, o nesigqili si lima nokuba salusa, o za kuti kuso, si sa ngena si vela endhle, Sondela bo, u hlale u dhle; **8** a nga sho ngakanye kuso ukuti, Lungisa engi za kukudhla, u bince ngebande, u ngi konze, ke ngi ze ngi dhle ngi puze; wand'ukudhla nawe u puze? **9** U ya si bonga leso sigqili, ngokuba senze esikuyalelweyo na? **10** Ku njalo nàni, inxa se ni kwenzile konke enikuyalelweyo, a no ti, A si zigqili za luto; senze loko e be si melwe ukukwenza.

11 Kwa ti be sa hamba be ya eJerusalem, wa dabula emkatini kwela seSamariya nela seGalile. **12** Wa ti e ngena emzaneni otile, kwa hlangana naye amadoda a ishumi a nocoko, a mela kude: **13** a nqonqoloza, a ti, Jesu, Nkosi, si haukele. **14** Wa t'ukuwabona, wa ti kuwo, Hambani ni ye ni zibonakalise ku bapristi. Kwa ti, e sa hamba, a hlanjululwa. **15** Enye kuwo, i si bonile ukuba i pulukisiwe ya buya, i dumisa uNkulunkulu ngezwi elikulu: **16** ya ti mbo ngobuso ezinyaweni zake, i m bonga: ya i ngumSamariya. **17** UJesu wa pendula wa ti, A ba hlanjululwanga aba ishumi na? bapi po aba isishiyangalolunye na? **18** A ku fumaneki aba buyele ukunika uNkulunkulu udumo kupela lo muntu wezizwe na? **19** Wa ti kuye, Vuka, u hambe: ukukolwa kwako ku ku sindisile.

20 E buzwa abaFarisi, ukuba u za kufika nini umbuso ka Nkulunkulu, wa ba pendula wa ti, Umbuso ka Nkulunkulu a u fiki u nokuhlonyelwa: **21** a ku yi kutiwa, Nanku! nokuba nankuya! ngoba bhekani, umbuso ka Nkulunkulu u pakati kwenu.

22 Wa ti ku bafundi, Ku za kufika izinsuku, lapo ni ya kufisa ukubona lu be lunye lwezinsuku zeNdodana yomuntu, kepa a ni yi kulubona. **23** Ba ya kuti kini, Nansiya! nokuba nansi! ma ni nga yi, ni nga ba putumi: **24** ngoba njengonyazi, olu nyazima kwenye indawo pansi kwezulu, lu kanya lu ze lu fike kwenye indawo pansi kwezulu; yo ba njalo iNdodana yomuntu ngosuku lwayo. **25** Kepa i melwe ukuhlupeka ngokuningi kuqala i nqatshwe ilesi sizukulwane. **26** Njengaloko okwenzekayo ezinsukwini zi ka Noa, ko ba njalo ezinsukwini zeNdodana yomuntu. **27** Ba be dhla, be puza, be ganwa, b'endiswa, kwa za kwa fika usuku uNoa a ngena ngalo emkunjini, kwa fika uzamcolo, wa ba bubisa bonke. **28** Ku njalo na njengaloko okwenzekayo ezinsukwini zi ka Lote; ba be dhla, be puza, be tenga, be tengisa, be tshala, b'aka; **29** kepa ngosuku uLote a puma ngalo eSodom la na umlilo nesibabuli ku vela ezulwini, kwa ba bubisa bonke: **30** ko ba njengalokoke ngosuku iNdodana yomuntu e ya kuhlaluka ngalo. **31** Nga lolo suku, o ya kuba pezu kwendhlu, impahla yake i sendhlini a ka ng'ehli ukuya kuyitabata: naye o sensimini ku njaloke a ka nga buyeli emva. **32** Kumbulani umka Lote. **33** Lowo o funa ukuzuza ukupila kwake wo lahlekelwa iko: o lahlekelwa ukupila kwake u ya kukulondoloza. **34** Ngi ti kini, Nga lobo busuku ku ya kuba kona ababili embedeni munye; omunye u ya kutatshatwa, omunye a shiywe. **35** Ko ba kona abesifazana ababili be sila ndawonye; omunye u ya kutatshatwa, omunye a

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

shiywe. 37 Ba pendula ba ti kuye, Pi na, Nkosi? Wa ti kubo, Lapa ku kona isidumbu, ilapa amanqe a ya kubutana kona.

18 Wa kuluma umfanekiso kubo e bhekisela emfanelweni yokuba ba tandaze njalo, ba nga dangali; 2 e ti, Kwa ku kona emzini otile umahluli, owa e ng'esabi uNkulunkulu e nga hlonipi muntu: 3 kwa ku kona nomfelokazi ku lowo muzi: wa e de eza kuye, e ti, Ngi pindisele kwengi mangalelana naye. 4 Kwa ba isikati e nga vumi: ngasemva wa ti pakati kwake,Noma ngi ng'esabi uNkulunkulu, ngi nga hlonipi muntu; 5 noko loku e ngi xobisa lo mfelokazi, ngi ya kumpindisela, funa a ngi zuke ngokuza kwake njalonjalo. 6 Ya ti iNkosi, Yizwani loku oku shiwo umahluli o nga lungile. 7 UNkulunkulu a ka yi kubapindisela yini abaketiweyo bake, aba kala kuye imini nobusuku, pezu kwokuba e bekezela kade ngabo na? 8 Ngi ti kini, u ya kubapindisela masinyane. Kantinoko, mhla i fika iNdodana yomuntu, i ya kufumana ukukolwa emhlabeni na?

9 Wa kuluma lo mfanekiso, kwabatile abazetembayo be ti ba lungile, be delela abanye: 10 kw'enyukela abantu ababili etempelini be ya kutandaza; omunye e ngumFarisi, omunye e ngumtelisi. 11 UmFarisi w'ema wa tandaza pakati kwake kanje, Nkulunkulu, ngi ya ku bonga, ngokuba ngi nge njengabanye abantu, abapangi, aba nga lungile, abapingi, na njenga lo mtelisi. 12 Ngi zila ukudhla kabili ngesonto; ngi nikela okweshumi kuko konke engikuzuzayo. 13 Kepa umtelisi, w'ema kude, ka z'a tanda nokupakamisela amehlo nga sezulwini, kodwa wa shaya isifuba sake, e ti, Nkulunkulu, yiba nesisa kimina, soni. 14 Ngi ti kini, Lo w'ehlela endhlini yake e tetiwe kuna lowo omunye: ngoba wonke ozipakamisayo u ya kutotshwa; kepa ozitobayo u ya kupakanyiswa.

15 Ba be leta kuye izingane zabo, ukuba a zi namate: kepa abafundi ba t'ukubona loko, ba ba kuza. 16 Kepa uJesu wa ba bizela kuye, wa ti, Vumelani abantwana b'eze kimi, ni nga ba nqabeli: ngoba umbuso ka Nkulunkulu u ngowabanjalo. 17 Ngi qinisile ngi ti kini, Lowo o ng'amkeli umbuso ka Nkulunkulu njengomntwana, a ngeke a ngene kuwo.

18 Umbusi otile wa m buza, wa ti, Mfundisi olungileyo, ngi ng'enzani, ngi ku dhl'ubufa ukupila okumiyo njalo na? 19 UJesu wa ti kuye, U ngi bizelani ngokuti ngi lungile na? a kako olungileyo, munye kupela, uNkulunkulu. 20 U ya y'azi imiyalo, Mus'ukupinga, Mus'ukubulala, Mus'ukweba, Mus'ukufakaza okwamanga, Hlonipa uyihlo nonyoko. 21 Wa ti, Loku konke ngi ku londile kwa sebusheni bami. 22 Wa t'uba ezwe loku uJesu wa ti kuye, Ku sa sele into inye kuwe: tengisa ngako konke o nako, wabele abampofu, wo ba nengcebo ezulwini: u ze pela u ngi landele. 23 Wa ti ukuzwa loku, wa ba lusizi kakulu; ngoba wa e cebile kakulu. 24 UJesu e m bona wa ti, Ku lukuni kangakanani kubo aba nemfuyo ukungena embusweni ka Nkulunkulu! 25 Ku lula ukuba ikameli li ngene ngentunja yosungulo, kunokuba ocebileyo a ngene embusweni ka Nkulunkulu. 26 Ab'ezwayo ba ti, Po ku nga sindiswa bani na? 27 Wa ti yena, Oku nge na kwenzeka ku bantu ku ng'enzeka ku Nkulunkulu. 28 Wa s'e ti uPetro, Bheka, si shiye okwetu, sa ku landela. 29 Wa ti kubo, Ngi qinisile ngi ti kini, A kuko muntu o shiye indhlu, nomkake, nabafo wabo, nabazali, nabantwana, ngenxa yombuso ka Nkulunkulu, 30 o nga yi kwamkeliswa oku pindwe kaningi ku lesi sikati, na sezweni elizayo ukupila okumiyo njalo.

31 Wa tabata aba ishumi nambili, wa ti kubo, Bhekani, s'enyukela eJerusalem, ku za kufezeka endodaneni yomuntu konke okulotshiweyo abaprofeti. 32 I ya kukashelwa kwabezizwe, ku dhlalwe ngayo, i patwe kabi, i kafulelwe: 33 ba yi baxabule ba yi bulale: ngosuku lwesitatuke yo buya i vuke. 34 Kepa a ba qonda-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nga luto lwa lezi zinto; loku kusho kwa fihleka kubo, a ba kwazanga okwa ku shiwo.

35 Kwa ti, e se sondela eJeriko, kwa ku hlezi impumpute etile nga sendhleleni i panza: 36 ya ti ukuzwa isixuku si dhlula, ya buza ukuba ku yini. 37 Ba yi tshela ukuti, uJesu wa seNazareta u ya dhlula. 38 Ya se i memeza, ya ti, Jesu, Ndodana ka David, ngi haukele 39 Aba be hamba ngapambili ba yi kuza, ukuba i tule: kepa kwa ba ikona i dazuluka kakulu, i ti, Ndodana ka Davida ngi haukele. 40 UJesu w'emake, wa ti a i letwe kuye: i si sondele wa yi buza, 41 e ti, U funa ukuba ngi kwenzele ntoni na? Ya ti, Nkosi, ukuba ngi bone. 42 UJesu wa ti kuye, Bonake: ukukolwa kwako ku ku sindisile. 43 Ya se i bona konalapo, ya m landela i dumisa uNkulunkulu: ba ti abantu bonke ukubona loku, ba nika uNkulunkulu indumiso.

19 Wa ngenake wa dabula eJeriko. 2 Nansoke indoda e bizwa ngokuti uZakeu igama layo; wa ye yinduna ku batelisi, e cebile. 3 Wa e funa ukubona uJesu ukuti u ngubani: w'ahluleka ngenxa yesixuku, ngokuba e mfushane ngomzimba. 4 Wa gijima wa ya pambili, wa kwela emtombeni ukuba a m bone: ngoba e be za kudhlula nga lapo. 5 Wa t'uJesu ukufika ku leyo ndawo, wa bheka pezulu, wa ti kuye, Zakeu, shesha, w'ehle; ngokuba namhla ngi melwe ukuhlala endhlini yako. 6 Wa shesha, w'ehla, wa m amkela ngokutokoza. 7 Se be bonile, ba konona bonke, be ti, U ye kungenisa kwa 'ndoda e isoni. 8 UZakeu w'ema, wa ti eNkosini, U ya bona, Nkosi, ngi pa abampofu inxenye yempahla yami; uma ngi poqe umuntu ngoto, ngi lu buyisa lu pindwe kane. 9 UJesu wa ti kuye, Namhla ku fike usindiso ku le ndhlu, loku naye u indodana ka Abraham. 10 Ngoba iNdodana yomuntu i ze kufuna nokusindisa okulahlekileyo.

11 Ku te ukuba ba ku zwe loku, w'eleka wa kuluma umfanekiso ngokuba e be seduze neJerusalem, na ngokuba be ti umbuso ka Nkulunkulu u za kubonakala konamanje. 12 Ngakoke wa ti, Kwa suka umuntu o isikulu wa ya ezweni eli kude, ukuba a zitabatele umbuso, a buye. 13 Wa biza izinceku zake ezi ishumi, wa zi nika ishumi la omina, wa ti kuzo, Tengisani ngabo ngi ze ngi fike. 14 Kepa abantu bomuzi wake ba be m zonda, ba tuma amanxusa emva kwake, ba ti, A si tandi ukuba lo muntu a buse pezu kwetu. 15 Kwa ti, e se buyile, e se tabate umbuso, wa ti a zi bizelwe kuye lezo zinceku, a be zi nike imali, ukuba azi ukuti zi zuzeni ngokutengisa. 16 Ya fikake eyokuqala pambi kwake, ya ti, Nkosi, umina wako u zele ishumi la omina. 17 Wa ti kuyo, Wenze kahle, nceku elungileyo: loku u funyanwe u tembekile kokuncinyane, yiba namaṇdhla pezu kwemizi e ishumi. 18 Ya fika neyesibili, ya ti Nkosi, umina wako wenze isihlanu sa omina. 19 Wa ti na ku leyo, Nawe yiba pezu kwemizi e isihlanu. 20 Kwa fika nenye, ya ti, Nkosi, nangu umina wako, e be ngi m kweze e bekwe edukwini: 21 ngoba nga kwesaba, loku u ngumuntu o nqala: u tabata o nga ku bekanga, u vuna o nga ku hlwanyelanga. 22 Wa ti kuyo, Ngokupuma emlonyeni wako ngo kwahlulela, wena nceku embi. U bu wazi ukuba ngi ngumuntu o nqala, ngi tabata engi nga ku bekanga, ngi vuna engi nga ku hlwanyelanga; 23 yini po, u nga bekanga imali yami ebanke, minake ekufikeni kwami be ngi ya kuyibiza kanye nenzalo? 24 Wa s'e ti kwabemiyo kona, M amukeni umina, ni m nike lo o nomina aba ishumi. 25 Ba ti kuye, Nkosi, u nomina aba ishumi. 26 Ngi ti kini, Wonke o nako u ya kupiwa; kepa o nge nako, u ya kwamukwa na loko a nako. 27 Kepa lezi `zita zami, eza zi nga tandi ukuba ngi buse pezu kwazo, zi leteni lapa, ni zi coboshise pambi kwami.

28 E se shilo loku, wa ya pambili, enyukela eJerusalem.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ngena eJerusalem ngobukosi. Umfanekiso wabalimi.

29 Kwa ti, e sondele eBetfage ne-
Betani, nga sentabeni oku tiwa eyemi-
Nqumo wa tuma ababili babafundi,
30 e ti, Hambani ni ye emzaneni o
bhekene nani; eni ya kuti ni ngene
kuwo ni fumane itole lembongolo li
kulekiwe, oku nga zanga ku hlale
kulo umuntu: li tukululeni, ni li lete.
31 Uma umuntu e ni buza ukuti, Ni
li tukululelani? a no ti nje, INkosi
i ya li dinga. 32 Ba hambake aba
be tunyiwe, ba fumana ku njengoku-
sho kwake kubo. 33 Ku te be sa
tukulula itole, abaninilo ba ti kubo,
Ni li tukululelani itole? 34 Ba ti,
INkosi i ya li dinga. 35 Ba se be li
leta ku Jesu: ba beka izingubo zabo
pezu kwetole, ba m kwelisa uJesu.
36 E sa hamba, ba iloku b'endhlala
izingubo zabo endhleleni. 37 E se
sondela ekwehleni kwentaba yemi-
Nqumo, isiqumbi sonke sabafundi sa
qala ukutokoza nokubabaza uNkulu-
nkulu ngezwi elikulu ngemisebenzi yo-
nke yamandhla esiyibonileyo; 38 si
ti, A ku bongwe iNkosi ezayo ngega-
ma li ka Jehova: ukutula ezulwini,
nodumo kwelipezulu. 39 Abanye
babaFarisi esixukwini ba ti kuye,
Mfundisi, ba kuze abafundi bako.
40 Wa pendula wa ti, Ngi ti kini,
uma be tula laba, amatshe a ya ku-
memeza.

41 Wa t'ukuba a sondele, wa bona
umuzi, wa wu kalela, 42 e ti, Uma u
bu wazi wena, na nga lolu suku, oko-
kutula! kepa kaloku ku fihlekile eme-
hlweni ako. 43 U ya kufikelwa izi-
nsuku, lapo izita zako zi ya kunqwa-
bela nga kuwe udonga, zi ku haqe, zi
ku vimbezele inxa zonke, 44 zi ku
swacaze pansi, wena nabantwana bako
aba kuwe; zi nga shiyi kuwe itshe
pezu kwetshe; ngokuba u nga s'azanga
isikati sokuhanjelwa kwako.

45 Wa ngena etempelini, wa qala
ukukipa abatengisayo, 46 e ti kubo,
Ku lotshiwe ukuti, Indhlu yami yo ba
indhlu yokutandaza: kepa ni y'enze
umhume wezigcwelegcwele.

47 Wa e fundisa imihla ngemihla
etempelini. Kepa abapristi abakulu
nababhali nezinhloko zabantu ba funa
ukumbubisa: 48 a ba ze ba fumana
into abangayenzayo; ngoba abantu
bonke ba namatela kuye be lalela.

20 Kwa ti, ngolunye lwezinsuku,
e sa fundisa abantu etempelini,
e shumayela ivangeli, wa fikelwa aba-
pristi abakulu nababhali kanye nama-
lunga; 2 ba kuluma, be ti kuye, Si
tshele: Lezi zinto u z'enza ngamapi
amandhla na? ngubani o ku nike lawa
mandhla na? 3 Wa pendula wa ti
kubo, Nami ngi za kunibuza izwi; ni
ngi tshele: 4 Ubapatizo lu ka Johane
lwa vela ezulwini, nokuba ku bantu
na? 5 Ba zindhlisana bodwa, ba ti,
Uma si ti, Ezulwini; u za kuti, A ni
kolwanga uye ngani? 6 Kepa uma
si ti, Ku bantu; abantu bonke ba ya
kusikanda ngamatshe: ngokuba ba
koliswa ukuti uJohane wa e ngumpro-
feti. 7 Ba se be pendula ukuti, a
b'azi ukuba lwa velapi. 8 UJesu wa
s'e ti kubo, Namike a ngi ni tsheli
amandhla eng'enza ngawo lezi zinto.

9 Wa s'e qala ukushumayela lo
mfanekiso ku bantu: Umuntu wa
tshala isivini, wa qashisa ngaso ku
balimi, wa hamba wa ya kwelinye
izwe isikati eside. 10 Ngenkati efa-
neleyo wa tuma isigqili ku balimi,
ukuba ba m nike okwezitelo zesivini:
kepa abalimi ba si shaya, ba si muki-
saze. 11 Wa pinda wa tuma esinye
isigqili: ba si shaya na leso, ba si tu-
nisa; ba si mukisaze. 12 Wa pinda
wa tuma esesitatu: ba si kubaza na
leso, ba si kipela ngapandhle. 13 Wa
ti ke umninisivini, Ngi za kwenze nja-
ni na? O, ngi za kutuma indodana
yami etandekayo; ingabe ba ya kuyi-
hlonipa yona. 14 Kepa abalimi ba ti
ukuyibona, ba zindhlisana, be ti, Yi-
ndhlalifa le; a si yi bulale, ukuba ifa li
be eletu. 15 Ba yi kipelake ngapa-
ndhle kwesivini, ba yi bulala. Poke
umninisivini u ya kwenzani kubo na?
16 U ya kufika a ba bubise laba
balimi, a nike abanye isivini. Be ku
zwa loko, ba ti, Kwa nga ku nge be
njalo. 17 Kepa wa ba buka wa ti,
Yini po okulotshiweyo ukuti,

Itshe abalinqabayo abaki,
Ilona e se la ba inhloko yegumbi?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imibuzo: ngokutela; ngokuvuka. Ukunikela kwomfelokazi.

18 Wonke owayo pezu kwa lelo
tshe wo pahlazwa; kodwa lowo eli wa
pezu kwake, lo m colisa a sakazeke.
19 Ababhali nabapristi abakulu
ba funa ukuyisa izandhla kuye nga
sona leso sikati; kepa b'esaba abantu:
ngoba b'azi ukuba u kuluma lo mfa-
nekiso ngabo. 20 Ba m hlomela, ba
tuma izinhloli, ezi zishaya abalungi-
leyo, ukuba zi bambelele ekukulumeni
kwake, ukuze ba m kapele ebukosini
na semandhleni ombusi. 21 Ba m
buzake, be ti, Mfundisi, si y'azi uku-
ba u kuluma u fundisa oku ikonako-
na, a u keti ubuso ba muntu, u fundisa
indhlela ka Nkulunkulu ngeqiniso: 22
Ku vumekile yini kitina ukutela ku
Kesari, nokuba a ku vumekile na?
23 Kepa e qonda ubukelengu babo,
wa ti kubo, 24 Ngi boniseni udenario.
U nesifanekiso nombhalo ka bani na?
Ba ti, O ka Kesari. 25 Wa ti kubo,
M nikezenike uKesari oku ka Kesari
noNkulunkulu oku ka Nkulunkulu.
26 Njalo ba be nge namandhla uku-
bambelela ku lelo zwi pambi kwaba-
ntu: ba mangala ngokupendula kwa-
ke, ba tula.

27 Kwa se ku fika kuye abatile ku
baSadusi, labo aba ti a kuko ukuvuka
kwabafileyo; 28 ba m buza, be ti,
Mfundisi, uMoses wa si lobela, ukuti
uma umfo wabo womuntu e fa, e no-
mfazi, e nge na mntwana umfo wabo
a ka tabate lo mfazi, a vusele umfo
wabo inzalo. 29 Kwa ku konake ize-
lamani ezi isikombisa: owokuqala wa
tata, wa fa e nge na mntwana; 30
nowesibili: 31 nowesitatu wa m ta-
bata; kwa njaloke aba isikombisa ba
fa be nga shiyanga abantwana. 32
Ukugcina wa fa nowesifazana. 33
Ekuvukenike u ya kuba umka bani
ku labo na? loku bosikombisa ba be
naye e ngumkabo. 34 UJesu wa ti
kubo, Abantwana ba leli zwe ba ya
ganwa, ba y'endiswa: 35 kodwa labo
aba za kutiwa ba fanele ukufinyelela
kù lelo zwe, nokuvuka kwabafileyo, a
ba ganwa, a b'endiswa: 36 ngoba ba
nge buye ba fe: ba lingana nezinge-
losi; ba ngamadodana ka Nkulunkulu,
be ngamadodana okuvuka. 37 Kepa
ukuti abafileyo ba ya vuka, uMoses
wa ku bonakalisa; endaweni e kuluma
ngesihlahla, lapo e biza iNkosi ngo-
kuti, uNkulunkulu ka Abraham, no-
Nkulunkulu ka Isaka, noNkulunkulu
ka Jakobe. 38 A siye uNkulunkulu
wabafileyo, kepa owabapilayo: loku
bonke ba pila kuye. 39 Abatile ku
babhali ba pendula ba ti, Mfundisi, u
sho kahle. 40 Ngoba a ba be be sa
ba nasibindi sokumbuza luto.

41 Wa s'e ti kubo, Ba sho kanjani
ukuti uKristu u yindodana ka Davida
na? 42 Ngoba uDavida yena u ti
encwadini yamaHubo

Ya ti iNkosi eNkosini yami,
Hlala ngakwesokunene sami,
43 Ngi ze ng'enze izita zako zi be
isenabelo sezinyawo zako.

44 Ngakoke uDavida u m biza
ngokuti, iNkosi, po, u yindodana yake
kanjani na?

45 Bezwa nje abantu bonke wa ti
ku bafundi bake, 46 Xwayani aba-
bhali, aba tanda ukuhamba be gqoke
izingubo ezinde be tanda ukubingele-
lwa ezindaweni zokubutana, nezihlalo
ezi pambili emasinagogeni, nezinda-
wo ezi pambili ekudhleni; 47 aba
dhla izindhlu zabafelokazi, na ngo-
kumbuluza ba tandaza isikati eside:
laba ba ya kwamkeliswa ukulahlwa
okukulu.

21 Wa ti ukubheka, wa bona aba-
cebileyo be ponsa iminikelo yabo
endaweni yeminikelo. 2 Wa bona
umfelokazi otile o impabanga e ponsa
kona imalana embili. 3 Wa ti,
Iqiniso ngi ti kini, Lo mfelokazi
ompofu u ponse ngapezu kwabo
bonke: 4 ngokuba bonke laba ba
ponse eminikelweni ngokucicima kwa-
bo; kepa yena ngokuswela kwake u
ponse konke a be pila ngako a e nako.

5 Ku sa kuluma abatile ngetempeli,
ukuti li hlotshisiwe ngamatshe ama-
hle na ngeminikelo, wa ti, 6 Mayela-
na na lezi zinto enizibonayo, ku za
kufika izinsuku, oku nga yi kushiywa
ngazo lapa itshe pezu kwetshe, eli nga
yi kuwiswa pansi. 7 Ba m buza, be
ti, Mfundisi, loku po, ko ba nini na?
nesibonakaliso so ba yini lapo se ku

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukucitwa kweJerusalem nokufika ku ka Kristu. Umkiwane.

za kwenzeka loku na? 8 Wa ti, Qapelani ukuba ni ng'edukiswa: ngokuba ku ya kuza abaningi ngegama lami, be ti, Ngi nguye; nokuti Isikati se si sondele: ni nga ba landeli. 9 Nxa ni zwa izimpi neziyaluyalu, ni ng'etuki: ngoba ku melwe ukuba kwenzeke loku kuqala; kepa ukupela a ku yi kubako masinyane.

10 Wa s'e ti kubo, Isizwe si ya kuvukela isizwe, nombuso u vukele umbuso; 11 ku ya kuba kona ukuzamazama okukulu kwomhlaba; ezindaweni ngezindawoke ku be kona izindhlala nobici; ko ba kona oku banga amatezane nezibonakaliso ezinkulu zi vela ezulwini. 12 Kepa ngapambi kwako konke loku, ba ya kuyisa izandhla zabo kini, ba ni zingele, ba ni kapele emasinagogeni na sematilongweni, ba ni yise emakosini na ku babusi ngenxa yegama lami. 13 Ku ya ku nce ku ni vezele ubufakazi. 14 Misani ezinhliziyweni zenu, ukuba ni nga zindhli ngapambili eni ya kuzipendulela ngako: 15 ngoba ngi ya kuninika umlomo nokuhlakanipa, aba nge melane nako ba ku nyaze bonke abayimpi kini. 16 Kepa ni ya kukashelwa abazali, nabafo wenu, nabazalana nani, nezihlobo; abanye benu ba ya kubulawa yibo. 17 Ni ya kuzondwa abantu bonke ngenxa yegama lami. 18 A ku yi kububa na lunwele lwekanda lenu. 19 Ngokukutazela kwenu no zuza imipefumulo yenu.

20 Kepa nxa ni bona iJerusalem li haqiwe izimpi, yazinike ukuti se ku sondele ukucitakala kwalo. 21 Konake aba seJudiya ma ba balekele ezintabeni; naba pakati kwalo ba muke; naba semapandhleni ba nga ngeni kulo. 22 Ngokuba lezi zi izinsuku zokupindisela, ukuba ku gcwaliseke konke okulotshiweyo. 23 Maye bona abakulelweyo nabancelisayo nga lezo zinsuku! ku ya kuba kona ingxakeko enkulu ezweni, nolaka ku laba bantu. 24 Ba ya kuwa ngokudhla kwenkemba, ba tunjelwe ezizweni zonke: iJerusalem li ya kunyatelwa abezizwe, ku ze ku gcwaliseke izikati zabezizwe.

25 Ku ya kuba kona izibonakaliso elangeni na senyangeni na sezinkanyezini; na semhlabeni ukuxineka ezizweni, ku zi yile ngokuduma kwolwandhle namaza; 26 abantu be quleka ngokwesaba, na ngokuhlalela izinto ezizayo pezu kwelakiweyo: ngoba amandhla a semazulwini a ya kunyakaziswa. 27 Anduba ba boneke iNdodana yomuntu i za ngefu i namandhla nobukosi obukulu. 28 Kepa nxa lezi zinto zi qala ukwenzeka, lulamani, ni pakamise amakanda enu; ngokuba ku sondele ukuhlengwa kwenu.

29 Wa kuluma umfanekiso kubo: wa ti, A ke ni bheke umkiwane nemiti yonke: 30 nxa i si hluma, ni ya bona n'azi ngokwenu ukuba ihlobo li seduze. 31 Ku njaloke nani, nxa ni bona lezi zinto zenzeka, yazini ukuti umbuso ka Nkulunkulu u seduze. 32 Ngi qinisile ngi ti kini, Lesi sizukulwane a si yi kudhlula, ku nga k'enzeki konke. 33 Ku ya kudhlula izulu nomhlaba: kepa amazwi ami a ka yi kudhlula.

34 Kepa zixwayeleni, funa izinhliziyo zenu zi sindane ngokuminza, na ngokudakwa, na ngokuhlusekela loku kupila, lolo suku lu ni fikele ngokuzuma njengesihibe: 35 ngokuba lu ya kufika kanjalo pezu kwabo bonke aba hlezi emhlabeni wonke. 36 Lindani ke ngezikati zonke, ni nxuse, ukuba ni ze ni be namandhla ukupepa loku konke oku za kwenzeka, ni me pambi kweNdodana yomuntu.

37 Ngezimini zonke wa e fundisa etempelini; nga kusihlwa njalo a pume, a ye kulala entabeni oku tiwa eyemiNqumo. 38 Abantu bonke ba be fika ekuseni kuye etempelini ukumuzwa.

22 Kwa sondelake umkosi wesinkwa esi nge na mvubelo, o tiwa iPasika. 2 Abapristi abakulu nababhali ba funa ukuba ba nga m bulala kanjani; ngokuba b'esaba abantu.

3 USatane wa ngena ku Judasi o gama limbe nguIskariyoti e ngowaba ishumi nambili. 4 Wa suka, wa ya wa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kuluma nabapristi abakulu nezinduna, ukuba a nga m kapela kanjani kubo. 5 Ba tokoza, ba vumelana naye ukumnika imali. 6 Wa vuma, wa funa ituba lokumkapela kubo isixuku si ngeko.

7 Kwa fika usuku lwesinkwa esi nge na mvubelo, eli melwe ukuhlatshwa ngalo ipasika. 8 Wa tuma uPetro noJohane, e ti, Hambani ni ye ni si lungisele ipasika, ukuba si dhle. 9 Ba ti kuye, U tanda ukuba si lungiselepi na? 10 Wa ti kubo, Ni ya bona, se ni ngenile emzini, no hlangana nomuntu e twele imbiza yamanzi; m landeleni ni ye endhlini e ngena kuyo. 11 No ti ku mninindhlu, UMfundisi u ti kuwe, Lipi ikamelo lokungenisa, lapa ngi za kudhlela kona ipasika nabafundi bami? 12 U ya kunibonisa ikamelo elikulu eli pezulu elendhlelweyo: lungiselani lapoke. 13 Ba hambake, ba fumana ku njengokusho kwake kubo: ba lungisa ipasika.

14 Ku te, se si fikile isikati, wa hlala pansi, abapostoli be naye. 15 Wa ti kubo, Ngi nxanele nokunxanela ukudhla nani leli pasika ngi nga ka hlupeki: 16 ngoba ngi ti kini, A ngi yi kulidhla, li ze li gcwaliseke embusweni ka Nkulunkulu. 17 W'amkela indebe, wa t'uba a bonge, wa ti, Tabatani loku, n'abelane ngako: 18 ngoba ngi ti kini, A ngi sa yi kupuza okwesitelo sevini, u ze u fike umbuso ka Nkulunkulu. 19 Wa tabata isinkwa, wa t'uba a bonge, wa si hlepula, wa ba nika, e ti, Loku ku ngumzimba wami o nikwa ngenxa yenu: yenzani loku ni be ni ngi kumbula. 20 Nendebe ngokunjalo emva kwokudhla, e ti, Le ndebe i yisivumelwano esisha ngegazi lami, eli palazelwa nina. 21 Kepa bhekani, isandhla songikapelayo si nami etafuleni. 22 Ngoba iNdodana yomuntu i ya hamba pela njengokumisiweyo: kepa maye lo muntu e kashelwa uye! 23 Ba se be qala ukubuzana, ukuti ubani kubo o za'ukwenza loku.

24 Kwa vela futi ukupikisana inkani pakati kwabo, kokuti ubani kubo oku nga tiwa mkulu. 25 Wa ti kubo, Amakosi abezizwe a z'enza amakosi pezu kwazo; naba namandhla pezu kwabo ba tiwa abasizayo. 26 Kepa nina a ni yi kuba njalo: kepa omkulu kini, a ka be njengomcinyane; nobusayo, a be njengokonzayo. 27 Ngoba u mupi omkulu, o cambalala ekudhleni, noma okonzayo na? a siye o cambalala ekudhleni na? kodwa mina ngi pakati kwenu njengokonzayo. 28 Kepa nina ni ibo aba seloku ba ba nami ekulingweni kwami; 29 ngi ya ni misela umbuso, njengoBaba u ngi misele mina, 30 ukuba ni dhle ni puze etafuleni lami embusweni wami; ni ya kuhlala ezihlalweni zobukosi n'ahlulele izizwe ezi ishumi nambili za kwa Israeli.

31 Simon, Simon, bheka, uSatane u ni bange ukuba a ni hlunge njengokolweni: 32 kepa ngi ku nxusele, ukuba ukukolwa kwako ku nga puti; nxa u su buyile, u simamise abafo wenu. 33 Wa ti kuye, Nkosi, ngi lungele ukuya nawe etilongweni na sekufeni. 34 Wa ti, Ngi ya ku tshela, Petro, iqude a li yi kukala namhla, u nga ka piki katatu ukuti u ya ng'azi.

35 Wa ti kubo, Lapo ngi ni tuma ni nge na sikwama, na yika, na zicatulo, na swela luto na? Ba ti, A si swelanga'nto. 36 Wa s'e ti kubo, Kepa manjeke o nesikwama, ka si tabate, neyika futi; o nge nayo ka tengise ngengubo yake, a tenge inkemba. 37 Ngoba ngi ti kini, loku okulotshiweyo ku melwe ukufezeka ngami, kokuti, Wa balwa kanye nabapambuki: ngokuba oku qondene nami ku ya fezeka. 38 Ba ti, Nkosi, nazi izinkemba ezimbili. Wa ti kubo, Kwanele.

39 Wa puma, wa ya njengomkuba wake entabeni yemiNqumo; nabafundi bake ba m landela. 40 E se fikile ku leyo ndawo, wa ti kubo, Tandazani ukuba ni nga ngeni ekulingweni. 41 Wa qembuka kubo kungati ibangana lokuponsa itshe; wa guqa pansi wa tandaza, 42 e ti, Baba uma u vuma, susa le ndebe kimi: kepa a ku ng'enziwa intando yami, kepa eyako. 43 Kwa bona-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

IGetsemane. Ku dhlalwa ngaye. U yiswa ku malunga na ku Pilatu.

kala kuye ingelosi i vela ezulwini, i m qinisa. **44** E seminjunjwini wa copelela ukutandaza; izitukutuku zake za njengamaqakata amakulu egazi e wela pansi. **45** Wa t'uba a suke ekutandazeni kwake, wa fika ku bafundi, wa ba fumana be lele ngenxa yosizi. **46** Wa ti kubo, Ni laleleni na? vukani ni tandaze ukuba ni nga ngeni ekuli-ngweni.

47 E sa kuluma, nasoke isixuku, na lowo o tiwa nguJudasi, omunye waba ishumi nambili, e hamba pambi kwabo; wa sondela ku Jesu ukumanga. **48** Kepa uJesu wa ti kuye, Judasi, u ya yi kapela iNdodana yomuntu ngokwanga na? **49** Aba be nga kuye be bona oku za kwenzeka, ba ti, Nkosi, si galele ngenkemba na? **50** Omunye wabo otile wa galela inceku yompristi omkulu, wa yi nquma indhlebe yokunene. **51** Kepa uJesu wa pendula wa ti, Salani se ni yeka. Wa yi namata indhlebe, wa yi polisa. **52** UJesu wa ti ku bapristi abakulu, nezinduna zetempeli, namalunga, aba b'eze kuye, Ni pumele kimi nezinkemba nezinduku ngokungati ngi isigcwelegcwele na? **53** Ngi se nani imihla ngemihla etempelini, a n'elulelanga izandhla kimi: kodwa yileli ihora lenu, namandhla obumnyama.

54 Ba se be m bamba, b'emuka naye, ba m yisa endhlini yompristi omkulu. UPetro wa landela e kude. **55** Se be basile umlilo pakati kwegceke, ba hlala pansi ndawonye, uPetro wa hlala pakati kwabo. **56** Intombazana etile i m bona e hlezi nga sekukanyeni kwomlilo, ya mu ti njo ya ti, Na lo u be naye. **57** Kepa wa pika, e ti, Ntombazanandini, a ngi m azi. **58** Ngasemva kwesikashana omunye wa m bona, wa ti, Nawe u ngomunye wabo. UPetro wa ti, Muntundini, a ngi siye. **59** Se ku dhlulile umzuzu kungati ihora omunye wa gabela wa ti, Iqiniso na lo u be naye; ngoba u ngowa seGalile. **60** Kepa uPetro wa ti, Muntundini, a ngi kwazi okushoyo. Masinyane e sa kuluma, iqude la kala. **61** INkosi ya se i penduka, ya buka uPetro. UPetro wa kumbula izwi le-Nkosi, ukuti i te kuye, Iqude li nga ka kali namhla u ya kungipika katatu. **62** Wa pumake, wa kala ngomunyu.

63 Abantu aba be m bambile uJesu, ba dhlala ngaye, ba m bambabula. **64** Ba m gubuzela, ba m buza, be ti, Profeta pela: ubani okushayileyo. **65** Nokunye okuningi ba ku kuluma ngaye, be m tuka.

66 Kwa t'uba ku se, kwa butana umbutano wamalunga abantu, abapristi abakulu nababhali; ba muka naye ba m yisa empakatini wabo, be ti, **67** Uma u nguKristu, si tshele. Wa ti kubo, Uma ngi ni tshela, a ni yi kukolwa: **68** noma ngi ni buza, a ni yi kungipendula. **69** Ku sukela manje iNdodana yomuntu se i za kuhlala ngakwesokunene samandhla ka Nkulunkulu. **70** Ba ti bonke, Kanti u yiNdodana ka Nkulunkulu na? Wa ti kubo, Ni ya sho ni ti ngi iyo. **71** Ba ti, Si sa funa ubufakazi buni? loku se si zwile tina ngomlomo wake.

23 Kwa se ku suka isiqumbi sabo sonke, sa m yisa ku Pilatu. **2** Ba qala ukumbek'icala, be ti, Si fumene lo edusa isizwe sa kiti, e nqaba ukuba ku telwe ku Kesari, e ti yena u nguKristu inkosi. **3** UPilatu wa m buza, wa ti, Wena u yiNkosi yaba-Juda na? Wa m pendula wa ti, U sho kona. **4** UPilatu wa ti ku bapristi abakulu na sezixukwini, A ngi fumani cala ku lo muntu. **5** Kwa ikona be pikelela kakulu, be ti, U ya vusa abantu, e fundisa eJudiya lonke, wa qala eGalile wa za wa fika lapa. **6** Wa ti uPilatu ukuzwa loko, wa buza uma lo muntu u ngowa se-Galile. **7** E s'azi ukuti u ngowesifunda si ka Herode, wa m tumela ku Herode, owa e kona naye eJerusalem nga lezo zinsuku.

8 UHerode wa t'uba a bone uJesu, wa tokoza kakulu: ngoba wa e kade e tanda ukumbona, loku wa b'e zwile ngaye; w'etemba ukuti u za kubona isibonakaliso senziwa uye. **9** Wa m buza ngamazwi amaningi; kepa yena

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ka m pendulanga nga luto. 10 Abapristi abakulu nababhali b'ema, be m bek'icala ngamandhla. 11 Njaloke uHerode namabuto ake ba m delela, ba dhlala ngaye, ba m ambatisa ingubo e makwezikwezi, ba m buyisela ku Pilatu. 12 Nga lolo suku uPilatu noHerode ba ba izihlobo: ngoba ngapambili kwa ku kona ubuta pakati kwabo.

13 UPilatu wa bizela ndawonye abapristi abakulu nababusi nabantu, 14 wa ti kubo, Ni lete kimi lo muntu, njeng'ohlubukisa abantu; bhekani, ngi m hlolile pambi kwenu, a ngi fumananga 'cala ku lo muntu nga loku eni m bek'icala ngako: 15 qa, noHerode futi: ngokuba u m buyisele kiti; bhekani, a kuko'nto enziwe uye a fanele ukufa ngayo. 16 Ngakoke ngi zo m shaya, ngi m kulule. 18 Ba se be memeza kanyekanye, be ti, M suse lo, u si kululele uBaraba: —19 yena owa e te ngokuhlubuka okutile okwa kwenziwe emzini, nokubulala, wa ponswa etilongweni. 20 UPilatu wa buya wa kuluma kubo, e tanda ukukulula uJesu; 21 kepa ba memeza, be ti, M betele, m betele. 22 Wa ti kubo ngokwesitatu, Ngoba wenzeni okubi? A ngi fumananga 'cala kuye lokuba a fe: ngakoke ngi zo m shaya ngi m kulule. 23 Ba m sindezela ngezwi elikulu, be cela ukuba a betelwe, l'ahlulake izwi labo. 24 Wa nqumake uPilatu wa ti a kwenziwe isicelo sabo. 25 Wa m kulula lowo owa e te ngokuhlubuka nokubulala wa ponswa etilongweni, aba be m celile; kepa uJesu wa m kapela entandweni yabo.

26 Ba ti be muka naye, ba bamba uSimon wa seKurene, e vela emapandhleni, ba m etwesa isipambano, a si twale emva ku ka Jesu.

27 Wa landelwa isiqumbi esikulu sabantu, nabesifazana aba be mbongoza be lilisela ngaye. 28 Kepa uJesu wa pendukela kubo wa ti, Madodakazi a seJerusalem, ni nga ngi kaleli mina, ngakanye zikaleleni nina, nabantwana benu. 29 Ngoba bhekani, ku za izinsuku, oku za kutiwa ngazo, Ba busisiwe aba izinyumba, nezisu ezi nga zanga zi zale, namabele a nga ncelwanga. 30 Konake ba ya kuqala ukuti ezintabeni, Welani pezu kwetu; na semagqumeni, Si sibekeleni. 31 Ngoba uma b'enza loku emtini oluhlaza, ku ya kwenzekani kowomileyo na?

32 Kwa ku kona abanye ababili aba izelelesi, aba yiswa kanye naye ukuyobulawa.

33 Se be fikile endaweni e tiwa iNhloko, ba m betela kona, nezelelesi, esinye ngakwesokunene, nesinye ngakwesokohlo. 34 Wa ti uJesu, Baba, ba tetelele: ngoba a ba kwazi abakwenzayo. B'abelana izingubo zake, b'enzelana inkato. 35 Abantu b'ema be buka. Nababusi ba m hxolodela, be ti, Wa sindisa abanye; ka zisindise yena, uma lo e nguKristu ka Nkulunkulu, oketiweyo wake. 36 Namabuto enza igidigidi ngaye eza kuye, a m nika uviniga, 37 e ti, Uma u iNkosi yabaJuda, zisindise. 38 Kwa ku kona nombhalo pezu kwake o ti, Lo u iNkosi yabaJuda.

39 Omunye wezelelesi eza zi panyekiwe wa m hlambalaza e ti, A u siye uKristu wena na? zisindise wena nati. 40 Kepa esinye sa pendula, si m kuza, sa ti, A u m esabi uNkulunkulu, loku u ku loku kulahlwa na? 41 Tina kambe ngokufaneleyo; ngoba samkela loko oku fanele esikwenzileyo: kepa lo k'enzanga luto olu nge kona. 42 Wa s'e ti, Jesu, u ze u ngi kumbule lapo u su fika embusweni wako. 43 Wa ti kuye, Ngi qinisile ngi ti kuwe, Namhla u za kuba nami eParadise.

44 Kwa se kungati ihora lesitupa, kwa ba mnyama ezweni lonke kwa za kwa ba ihora lesishiyangalolunye, 45 ukukanya kwelanga kwa fipala; iveli letempeli la hxebuka pakati. 46 UJesu wa memeza ngezwi elikulu, wa ti, Baba, ngi beka umoya wami ezandhleni zako: se e shilo loku, wa gqabuka. 47 Induna yekulu ya ti ukubona okwenzekileyo, ya dumisa uNkulunkulu, i ti, Impela lo muntu u be ngolungileyo. 48 Zonke izixuku eza

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

zi butanele ukubona loko, se zi bonile okwenzekileyo, za buya zi shaya izifuba zazo. 49 Bonke abazana naye, nabesifazana aba m landela be vela eGalile, b'ema kude be buka lezi zinto.

50 Nakuke, umuntu igama lake uJosefa, umpakati, umuntu omnene nolungileyo 51 (yena wa e nga li vumanga icebo nesenzo sabo), owa se-Arimatiya, umuzi wabaJuda, owa e bheke umbuso ka Nkulunkulu: 52 lo wa ya ku Pilatu, wa cela isidumbu si ka Jesu. 53 Wa s'ehlisa, wa si songa ngendwangu yelineni, wa m beka etuneni eli qoshwe etsheni, lapo ku nga zanga ku laliswa muntu kona. 54 Kwa ku usuku lokulungisa, isabata la se li zakuqala. 55 Abesifazana, ab'eza naye be vela eGalile, ba landela, ba bona ituna, nokubekwa kwesidumbu sake. 56 Ba buyake, ba lungisa amaka namafuta.

Ba pumulake ngeSabata ngokwomyalo.

24 1 Kepa ngosuku lokuqala lwesonto, ku beja ukusa, ba fika etuneni, be pete amaka aba be wa lungisile. 2 Ba fumana itshe li gingqiwe li suswe etuneni. 3 Ba ngena, a ba fumana isidumbu seNkosi uJesu. 4 Kwa ti, se be sambateke nga loku, nanko amadoda amabili e mi nga kubo embete izingubo ezibengezelayo: 5 be s'esaba be kotama ngobuso pansi, a ti kubo, Ni funelani opilayo pakati kwabafileyo na? 6 A kako lapa, u vukile: kumbulani ukukuluma kwake kini e se seGalile, 7 wa ti iNdodana yomuntu i melwe ukukashelwa ezandhleni zabantu aba izoni, i betelwe, i buye i vuke ngosuku lwesitatu. 8 Ba wa kumbulake amazwi ake, 9 ba buya etuneni, ba bika lezi zinto zonke kwaba ishumi nanye, na kubo bonke abanye. 10 Kwa ku ngoMariya Magdalene, noJoana, no-Mariya unina ka Jakobe: nabanye abesifazana kanye nabo ba tshela abapostoli lezi zinto. 11 Lawa mazwi a be kungati imbude emehlweni abo; ka ba ze ba kolwa ibo. 12 Kepa uPetro wa suka, wa gijimela etuneni; wa fola wa lunguza, wa bona izindwangu zelineni zi zodwa: w'emuka wa goduka, e mangala ngokwenzekileyo.

13 Kwa ti ke nga lona lolo suku ababili kubo ba be ya emzaneni o tiwa iEmmaus, o ngamastadiu amashumi a isitupa ku suka eJerusalem. 14 Ba be kuluma ngako konke okwehlakeleyo. 15 Kwa ti be sa kuluma be buzana, uJesu uqobo wa sondela, wa hambisana nabo. 16 Kepa amehlo abo a e bambekile, ukuba ba nga m azi. 17 Wa ti kubo, Izindaba zini lezi, enizixoxelanayo, ni hamba? Ba se b'ema be kwantabele. 18 Omunye, igama lake uKleopa, wa pendula wa ti kuye, Uwena wedwa yini kwaba te gozololo eJerusalem, o nga z'azi izinto ezenzekileyo kona nga lezi zinsuku na? 19 Wa ti kubo, Izinto zini na? Ba ti kuye, NgoJesu wa seNazareta, o be ngumprofeti, e namandhla ngesenzo, na ngezwi, pambi ku ka Nkulunkulu nabantu bonke: 20 nokuti abapristi abakulu, nababusi ba kiti ba m kapela ukuba a lahlwe a fe, ba m betela. 21 Kanti tina be s'etemba, si ti, nguye o za kuhlenga uIsraeli. Yebo ngapandhle kwa loku konke, namhla se ku usuku lwesitatu lezi zinto zenzekile. 22 Futi, abesifazana abatile ba kiti ba si nkemisa, abe be ye etuneni ekuseni; 23 be nga si fumani isidumbu sake, b'eza, ba ti ba bone nombono wezingelosi, ezi te, u pilile. 24 Abatileke aba be nati, ba ya etuneni, ba fumana ku njengokusho kwabesifazana: kodwa yena a ba m bonanga. 25 Wa ti kubo, Nina ziula en'epuza enhliziyweni ukukolwa konke abakukulumileyo abaprofeti. 26 UKristu u be nga melwe ukuhlupeka nga lezi zinto, a ngene ebukosini bake na? 27 Wa s'e qalela ku Moses na ku baprofeti bonke, wa ba casisela konke oku ngaye emibhalweni yonke. 28 Ba sondela emzaneni lapa be ya kona; wa ngati u dhlulela pambili. 29 Ba m cindezela be ti, Hlala nati; se ku za kuhlwa, imini i si gebile. Wa ngenake ukuhlala nabo. 30 Kwa ti, e se hlezi nabo ekudhleni, wa tabata isinkwa, wa bonga; wa si hlepula, wa

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ba nika. 31 Amehlo abo a vuleka, ba m azi; wa s'e nyamalala kubo. 32 Ba ti omunye komunye, Izinhliziyo zetu be zi nga vuti pakati kwetu, e sa kuluma kiti endhleleni, e se si vulela imibhalo na? 33 B'esuka nga sona leso sikati, ba buyela eJerusalem, ba fumana aba ishumi nanye be butene ndawonye, naba be nabo, 34 be ti, Impela, iNkosi i vukile, i bonakele ku Simon. 35 Ba se be landa okwenzekileyo endhleleni, nokuti ba m azi ekuhleshulweni kwesinkwa.

36 Be sa kuluma lezi zinto, yena uqobo w'ema pakati kwabo, wa ti kubo, Ukutula a ku be kini. 37 Kepa b'etuka, b'esaba, be ti ba bona itongo. 38 Wa ti kubo, Yini ukuba ni tatazele? ku veleleni imicabango ezinhliziyweni zenu na? 39 Bhekani izandhla zami nezinyawo zami, imina uqobo: ngi pateni, ni bone; ngoba itongo a li na nyama namatambo, njengokuba ni ngi bona ngi nako. 40 Se e shilo loko, wa ba bonisa izandhla nezinyawo. 41 Be nga ka kolwa ngokutokoza be sa mangala, wa ti kubo, Ni nanto nje yokudhliwa lapa na? 42 Ba m nika isicubu senhlanzi eyosiweyo. 43 Wa si tabata, wa dhla pambi kwabo.

44 Wa ti kubo, Ilawa amazwi ami, enga wa kuluma kini, ngi se nani, okuti ku melwe ukugcwaliseka konke oku lotshwe ngami emtetweni ka Moses, na ku baprofeti, na sema-Hubweni. 45 Wa e se vulake ukuqonda kwabo, ukuba b'ezwisise imibhalo; 46 wa ti kubo, ku lotshiwe ngokunjalo, ukuti u zo hlupeka uKristu, a buye a vuke kwabafileyo ngosuku lwesitatu; 47 ku shunyayelwe egamen lake ukupenduka nokutetelelwa kwezono ezizweni zonke; ku qalwe eJerusalem. 48 Nina ni ngofakazi ba lezi zinto. 49 Bhekani, ngi ya tumela kini isitembiso si ka Baba; kepa hlalani emzini, ni ze n'ambatiswe amandla a vela pezulu.

50 Wa puma nabo, ba ze ba ba malungana neBetane, wa pakamisa izandhla zake, wa ba busisa. 51 Kwa ti ke e sa ba busisa, w'ahlukana nabo, w'enyuselwa ezulwini. 52 Ba kuleka kuye ba buyela eJerusalem be nokutokoza okukulu: 53 ba be loku be setempelini, be bonga uNkulunkulu.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

IVANGELI NGOKULOBA KU KA

JOHANE

ULizwi. Ukufakaza ku ka Johane ngoJesu.

1 Ekuqaleni wa be e kona uLizwi, uLizwi wa be noNkulunkulu, uLizwi wa be nguNkulunkulu. 2 Yena lowo wa be noNkulunkulu ekuqaleni. 3 Konke kw'enziwa ngaye; ngapandhle kwake a kwenziwanga luto olwenziweyo. 4 Kwa ku kona ukupila kuye; ukupila kwa ku ukukanya kwabantu. 5 Ukukanya ku kanya ebumnyameni; kepa ubumnyama a bu ku qondanga. 6 Kwa ba kona umuntu otunyiweyo e vela ku Nkulunkulu, ogama lake nguJohane, 7 Lowo w'eze̤la ubufakazi, ukuba a fakaze ngokukanya, ukuba bonke ba kolwe ngaye. 8 Yena wa be e nge siko loko kukanya, w'eza kambe ukuba a fakaze ngokukanya. 9 Kwa ku kona ukukanya oku ikonakona, oku kanyisa wonke umuntu, ozayo emhlabeni. 10 Wa be e kona emhlabeni, umhlaba w'enziwa ngaye, kepa umhlaba a u m azanga. 11 W'eza kokwake, aba be ngabake a ba m amkelanga. 12 Kepa bonke abamamkelayo, wa ba nika amandhla okuba ba be abantwana ba ka Nkulunkulu, labo aba kolwa egameni lake: 13 aba nga zalwanga nga gazi, na ntando yenyama, na ntando yendoda, ba zalwa uNkulunkulu. 14 ULizwi wa ba inyama, wa hlala pakati kwetu (sa bona ubucwazicwazi bake, ubucwazicwazi obu nga ti oboyedwa ozelweyo e vela ku Yise), e gcwele umusa neqiniso. 15 UJohane wa fakaza ngaye, wa memeza, wa ti, Uyena lo e be ngi sho ngaye ukuti, Lowo ozayo emva kwami u se ngapambi kwami: ngokuba wa e ngowokuqala kunami. 16 Ngoba tina sonke s'amkela okwokugcwala kwake, nomusa pezu kwomusa. 17 Ngoba umteto wa nikwa ngoMoses; kwa fika umusa neqiniso ngoJesu Kristu. 18 A kako owa ke wa bona uNkulunkulu; iNdodana e yodwa ezelweyo, e sesifubeni si kaYise, iyona emhlalukisileyo.

19 Ilobu ubufakazi bu ka Johane, msukwana abaJuda be tumela kuye abapristi nabaLevi be puma eJerusalem ukuya kumbuza ukuti, Wena u ngubani na? 20 Wa vuma, a ka pika; wa vuma, e ti, A ngi siye uKristu mina. 21 Ba m buza, be ti, U yini po? U nguElija na? Wa ti, A ngi siye. U ngumprofeti lowo na? Wa pendula wa ti, Qa. 22 Ba se be tike kuye, U ngubani na? ukuba si ba pendule abasitumileyo. U tinike wena ngawe na? 23 Wa ti, Ngi izwi lomemezayo ehlane, e ti, Hlelembani indhlela yeNkosi, njengakushoyo uIsaya umprofeti. 24 Ba be tunyiwe be vela ku baFarisi. 25 Ba m buza, ba ti kuye, Po, u bapatizelani uma u nge siye uKristu, noElija, nomprofeti lowo? 26 UJohane wa ba pendula, wa ti, Mina ngi bapatiza ngamanzi: ku mi pakati kwenu eningamaziyo, 27 yena ozayo emva kwami, engi nga fanele ukuba ngi tukulule umcilo wesicatulo sake. 28 Loku kw'enzeka eBetani ngapesheya kweJordan, lapa uJohane wa e bapatiza kona.

29 Ngangomso wa bona uJesu e za kuye, wa ti, Nansi imVana ka Nkulunkulu e susa ukwona kwomhlaba! 30 Lo nguye e ngi te ngaye, Ku za umuntu emva kwami o se ngapambi kwami: ngokuba wa e ngowokuqala kunami. 31 Be ngi nga m azi; kodwa ukuze a bonakaliswe ku ba Israeli nga loko ngi ze ngi bapatiza ngamanzi. 32 UJohane wa fakaza, e ti, Nga bona uMoya ehla ezulwini njengejuba; wa hlala pezu kwake. 33 Be ngi nga m azi: kodwa o ngi tume ukubapatiza ngamanzi, yena u te kimi, Lowo o ya kubona uMoya ehla, a hlale pezu kwake, uyena o bapatiza ngoMoya oNgcwele. 34 Ngi bonile, ngi fakazile ukuti lo uyiNdodana ka Nkulunkulu.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukukomba kwake imvana. UFilipu noNataneli. Umtimba eKana.

35 Futi ngangomso uJohane wa e mi, nababili kubafundi bake; **36** wa buka uJesu e hamba, wa ti, Nansi imVana ka Nkulunkulu! **37** Abafundi ababili ba mu zwa e kuluma, ba landela uJesu. **38** UJesu wa guquka, wa ba bona be landela, wa ti kubo, Ni funani na? Ba ti kuye, Rabi (oku ukuti ngokuhunyushwa, mFundisi), u hlalapi na? **39** Wa ti kubo, Wozani, ni zo bona. Ba yake ba bona lapa e hlala kona; ba hlala naye nga lolo suku: kwa ku nga ba ihora leshumi. **40** Omunye wababili ab'ezwa uJohane, ba m landela, wa e nguAndreya, umfo wabo ka Simon Petro. **41** Yena wa fumana kuqala umfo wabo uSimon, wa ti kuye, Si fumene uMesiya (oku ukuti ngokuhunyushwa, uKristu). **42** Wa m yisa ku Jesu. UJesu wa m buka wa ti, Wena u nguSimon ka Johane: u ya kubizwa ngokutiwa uKefasi (oku ukuti ngokuhunyushwa, uPetro).

43 Ngangomso wa e funa ukupuma ukuya eGalile, wa fumana uFilipu: uJesu wa ti kuye, Ngi landele. **44** UFilipu wa e ngowa seBetesayida, emzini ka Andreya noPetro, **45** UFilipu wa fumana uNataneli, wa ti kuye, Si m fumene lowo, a loba ngaye emtetweni uMoses, nabaprofeti, uJesu wa seNazareta, indodana ka Josefa. **46** UNataneli wa ti kuye, Ku nga vela uto olulungileyo eNazareta na? uFilipu wa ti kuye, Woza u bone. **47** UJesu wa bona uNataneli e za kuye, wa ti ngaye Nangu umIsraeli impela, oku ngeko ubuqili kuye! **48** UNataneli wa ti kuye, U ng'azi ngani? UJesu wa pendula wa ti kuye, U nga ka bizwa uFilipu, u pansi kwomkiwane nga ku bona. **49** UNataneli wa m pendula wa ti, Rabi, u yiNdodana ka Nkulunkulu; u yiNkosi ya kwa Israeli. **50** UJesu wa pendula wa ti kuye, U ya kolwa, ngokuba ngi te kuwe, Nga ku bona u pansi kwomkiwane na? u ya kubona okukulu kuna loku. **51** Wa ti kuye, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Ni ya kubona izulu li vuleka, nezingelosi zi ka Nkulunkulu z'enyuka z'ehla pezu kweNdodana yomuntu.

2 Ngosuku lwesitatu kwa ba kona umtimba eKana la seGalile; wa e kona unina ka Jesu: **2** naye uJesu wa menywa, nabafundi bake ukuya emtimbeni. **3** Ku te ukuba kweyeke iwayini, unina ka Jesu wa ti kuye, Ka ba nalo iwayini. **4** UJesu wa ti kuye, Mame, ngi na msebenzi muni nawe na? isikati sami a si ka fiki. **5** Unina wa ti ezikonzini, Na kupi a za ku kusho kini, kwenzeni. **6** Kwa ku kona izimbiza zamatshe ezi isitupa zi bekiwe kona ngomkuba wokuhlambulula kwabaJuda, ez'anela izilinganiso ezimbili nokuba ezintatu nga inye. **7** UJesu wa ti kuzo, Gcwalisani izimbiza ngamanzi. Za zi gcwalisa za ti ciki. **8** Wa ti kuzo, Yikani kaloku, ni ku tutele ku mpati wesidhlo. Za yisake. **9** Wa ti umpati wesidhlo ukuzwa amanzi a se penduke iwayini, i ng'azi lapa li vela kona (kepa izikonzi ezike amanzi be z'azi), umpati wesidhlo wa biza umyeni, **10** wa ti kuye, Wonke umuntu u beka iwayini elimnandi kuqala; ku ti lapa se be swakeme, a beke elibi; kodwa wena u godhlile iwayini elimnandi ku ze ku be manje. **11** Lesi siqaliso sezibonakaliso zake uJesu wa s'enza eKana la seGalile, wa bonakalisa ubukosi bake abafundi bake ba kolwa uye.

12 Ngasemva kwa loku w'ehlela eKapernaum, yena, nonina, nabafo wabo, nabafundi bake; ba hlala kona izinsuku ezi nge ziningi.

13 Kwa ku seduze ipasika laba-Juda, uJesu w'enyukela eJerusalem. **14** Wa fumana etempelini aba tengisa ngezinkomo nezimvu namajuba, naba tshintshisa imali be hlezi: **15** w'enza inkalivasi ngezintambo, wa ba kipa bonke etempelini, nezimvu nezinkomo; wa tulula imali yabatshintshisayo, wa gumbuqela amatafula; **16** wa ti kwaba tengisa ngamajuba, Susani lapa lezi zinto; ni nga y'enzi indhlu ka Baba i be indhlu yokutengelana. **17** Abafundi bake ba kumbula ukuba ku lotshiwe ukuti, Ukushi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

sekela indhlu yako ku ya kungidhla. 18 Ba pendulake abaJuda ba ti kuye, U si bonisa sibonakaliso sini njengaloku wenza lezi zinto nje? 19 UJesu wa pendula wa ti kubo, Citani leli tempeli, ngo buya ngi li vuse ngezinsuku ezintatu. 20 Ba ti ke abaJuda, Leli tempeli kwa ba iminyaka emashumi amane nesitupa lakiwa, wenake wo li vusa ngezinsuku ezintatu na? 21 Kepa wa e kuluma ngetempeli lomzimba wake. 22 Ku teke e se vusiwe kwabafileyo, abafundi bake ba kumbula ukuba wa kuluma loku; ba kolwa umbhalo nezwi a be li shilo uJesu.

23 Kwa ti e seJerusalem epasikeni emkosini, abaningi ba kolwa egameni lake, be bona izibonakaliso zake azenzayo. 24 Kodwa uJesu ka b'etembanga ukuba a zinike kubo, ngenxa yokubazi kwake bonke abantu, 25 na ngoba wa e nga dingi ukuba ku fakaze bani ngomuntu; ngoba wa e kwazi yena oku ku muntu.

3 Kwa ku kona umuntu wa ku baFarisi, igama lake uNikodemu, umbusi wabaJuda: 2 lowoke w'eza kuye ebusuku, wa ti kuye, Rabi, si y'azi ukuba u ngumfundisi o vela ku Nkulunkulu; ngoba a kako o ng'enza lezi zibonakaliso ozenzayo, uNkulunkulu e nge naye. 3 UJesu wa pendula wa ti kuye, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kuwe, Uma umuntu e nga zalwa ngokusha, a nge wu bone umbuso ka Nkulunkulu. 4 UNikodemu wa ti kuye, Umuntu a nga zalwa kanjani e se mdala na? a nga ngena esiswini si ka nina ngokwesibili, a zalwe na? 5 UJesu wa pendulake wa ti, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kuwe, Uma umuntu e nga zalwa ngamanzi na ngoMoya, a nge ngene embusweni ka Nkulunkulu. 6 Loko oku zelwe yinyama ku inyama; na loko oku zelwe nguMoya ku ngumoya. 7 U nga mangali ngokuba ngi te kuwe, Ni melwe ukuzalwa ngokusha. 8 Umoya u pepeta lapa u tanda kona, u y'ezwa udumo lwawo, kodwa a wazi lapa u vela kona, na lapa u ya kona: ba njalo bonke aba zelwe nguMoya. 9 UNikodemu wa pendula wa ti kuye, Loku ku nga ba kanjani na? 10 UJesu wa pendula wa ti kuye, Wena u ngumfundisi wa kwa Israeli u nga kwazi loku na? 11 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kuwe, Si kuluma esikwaziyo, si fakaza na ngesikubonileyo: kodwa a n'amkeli ubufakazi betu. 12 Uma ngi ni tshelile okwa semhlabeni ka na kolwa, ni ya kukolwa kanjani uma ngi ni tshela okwa sezulwini na? 13 A kako owa ke w'enyukela ezulwini, kupela yena ow'ehla ezulwini, iNdodana yomuntu, e sezulwini. 14 Njengokuba uMoses wa pakamisa inyoka ehlane, ku njalo iNdodana yomuntu i melwe ukupakanyiswa; 15 ukuba bonke abakolwayo ba be nokupila okumiyo njalo ngayo.

16 Ngoba uNkulunkulu wa wu tanda umhlaba kangaka, ngangoba wa pa ngeNdodana yake ayizalayo e yodwa, ukuba bonke abakolwa iyo ba nga bubi, ba be nokupila okumiyo njalo. 17 Ngoba uNkulunkulu ka yi tumelanga iNdodana yake emhlabeni ukuba ahlulele umhlaba; kodwa ukuba umhlaba u sindiswe ngayo. 18 O kolwa iyo k'ahlulelwa: o nga kolwa u s'ahlulelwe, loku e nga kolwanga egameni leNdodana e yodwa ayizalayo uNkulunkulu. 19 Ukwahlulela iloku, ukuti ukukanya ku fikile emhlabeni, abantu ba tanda ubumnyama kunokukanya: ngoba imisebenzi yabo i bi mibi. 20 Ngoba bonke abenza okubi ba zonda ukukanya, a b'ezi ekukanyeni, funa ku dalulwe imisebenzi yabo. 21 Kepa o wenza iqiniso u y'eza ekukanyeni, ukuze imisebenzi yake i bonakale, ukuti i setshenzwe ku Nkulunkulu.

22 Ngasemva kwa loku uJesu nabafundi bake ba ya ezweni la se Judiya; wa hlala kona nabo, wa bapatiza. 23 NoJohane futi wa e bapatiza eEnon eduze neSalim, ngoba kwa ku kona amanzi amaningi kona: ba b'eza, ba bapatizwe. 24 Ngoba uJohane wa e nga ka fakwa etilongweni. 25 Kwa velake ukupikisana pakati kwabafundi ba ka Johane nomJuda ngo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kuhlambululа. 26 Ba fika ku Johane, ba ti kuye, Rabi, lowo owa be nawe pesheya kweJordan, owamfakazelayo, bheka, u ya bapatiza, ba ya kuye bonke. 27 UJohane wa pendula wa ti, Umuntu a nge tabate luto, uma e nga lu nikwanga lu vela ezulwini. 28 Nina ngokwenu ni ya ngi fakazela, ukuti nga ti, A ngi siye uKristu mina kodwa ngi tunywe pambi kwake. 29 O nomlobokazi u ngumnyeni: kepa isihlobo somnyeni, esimiyo nesimuzwayo, si ya tokoza nokutokoza ngezwi lomnyeni: ngakoke le ntokozo yami i si gcwalisiwe. 30 U melwe ukwanda yena, ngi ncipe mina.

31 O vela pezulu u pezu kwako konke: o ngowomhlaba u ngowomhlaba, u kuluma okwomhlaba: o vela ezulwini u pezu kwako konke. 32 Loko akubonileyo nakuzwileyo yiloko a fakaza ngako; a kuko muntu o wamkela ubufakazi bake. 33 O wamkele ubufakazi bake u bekile upau, lokuti uNkulunkulu u qinisile. 34 Ngoba lowo uNkulunkulu amtumileyo u kuluma amazwi ka Nkulunkulu: ngokuba a ka niki uMoya ngokulinganisela. 35 UYise u ya tanda iNdodana, u nikeze konke esandhleni sayo. 36 O kolwa iNdodana u nokupila okumiyo njalo; kepa o nga laleli iNdodana a ka yi kubona ukupila, kodwa ulaka lu ka Nkulunkulu lu hlezi pezu kwake.

4 Ngakoke ya ti iNkosi ukuzwa ukuba abaFarisi bezwile ku tiwa uJesu u y'enza, u ya bapatiza abafundi abaningi kunoJohane 2 (nakuba uJesu uqobo ka bapatizanga, kodwa kwa bapatiza abafundi bake), 3 wa shiya iJudiya, w'emukela futi eGalile. 4 Wa e melwe ukuba a dabule iSamariya. 5 Wa fikake emzini wa seSamariya, o tiwa iSukari eduze nezwe uJakobe a li nika uJosefa indodana yake: 6 wa u kona lapo umtombo ka Jakobe. UJesu ke e katele ukuhamba, wa se u ya hlala nga semtonjeni. Kwa ku nga ba ihora lesitupa. 7 Kwa fika owesifazana wa seSamariya e za kuka amanzi: uJesu wa ti kuye, Ngi puzise. 8 Ngoba abafundi bake ba be hambile ba ya emzini be yo tenga ukudhla. 9 Owesifazana wa seSamariya wa ti ke kuye, Yini ukuba wena u ngumJuda, u cele ukupuziswa yimi, engi owesifazana wa seSamariya na? (Ngoba abaJuda a ba dhlelani namaSamariya.) 10 UJesu wa pendula wa ti kuye, Uma u bu s'azi isipo si ka Nkulunkulu, nokuti ngubani o ti kuwe, Ngi puzise: u bu ya kucela kuye, yena a ku nike amanzi apilileyo. 11 Owesifazana wa ti kuye, Nkosi, a u nanto yokuka, umtombo u julile: u wa tatapi po, lawo manzi apilileyo? 12 Wena u mkulu yini kunokoko uJakobe, owa si nika umtombo, wa puza kuwo yena, namadodana ake, nemfuyo yake na? 13 UJesu wa s'e pendula wa ti kuye, Umuntu o puza lawa manzi wo buya ome: 14 kepa lowo o puza amanzi engi ya kumnika wona ka soze oma na nini; kodwa amanzi engi ya kumnika wona a ya kuba pakati kwake umtombo wamanzi apetuzayo ku be ukupila okumiyo njalo. 15 Owesifazana wa s'e ti kuye, Nkosi, ngi pe lawa manzi, ukuba ngi ng'omi, ngi nga hambi kangaka ukuzokuka lapa. 16 UJesu wa ti kuye, Hamba, u yo biza indoda yako, u ze lapa. 17 Owesifazana wa pendula wa ti kuye, A ngi na ndoda. UJesu wa ti kuye, U sho kahle, nxa u ti A ngi na ndoda: 18 ngoba se wa ba namadoda a isihlanu; le o nayo kaloku a siyo indoda yako: loko u ku sho u qinisile. 19 Wa ti owesifazana kuye, Nkosi, ngi ya bona ukuti u ngumprofeti. 20 Okoko ba be kuleka ku le ntaba; ninake ni ti, indawo i seJerusalem lapa ku melwe ukuba ku kulekwe kona. 21 UJesu wa ti kuye, Mame, kolwa imi, isikati si y'eza, lapo ni nga yi kukuleka ku Baba ku le ntaba na seJerusalem. 22 Nina ni kuleka kweningakwaziyo: tina si kuleka kwesikwaziyo; ngokuba usindiso lu vela ku baJuda. 23 Kodwa isikati si y'eza, se si kona na manje, lapo abakulekayo abaqinisileyo ba ya kukuleka ku Baba ngomoya na ngeqiniso: ngoba uBaba u

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

funa abanjalo ukuba ba kuleke kuye. 24 UNkulunkulu u nguMoya: aba kuleka kuye ba melwe ukukuleka ngomoya na ngeqiniso. 25 Owesifazana wa s'e ti kuye, Ngi y'azi ukuti uMesiya u y'eza (o tiwa uKristu): nxa e se fikile yena, u ya kusitshela konke. 26 UJesu wa ti kuye, Mina engi kuluma nawe ngi nguye.

27 Ku se kuko loko kwa fika abafundi bake; ba mangala ngokuba e kuluma nowesifazana; noko a ku bangako na munye owa ti, U funani na? U kulumelani naye na? 28 Njaloke owesifazana wa shiya imbiza yake, w'emuka wa ya emzini, wa ti ku bantu, 29 Wozani, ni zo bona umuntu, o ngi tshele konke enga ke nga kwenza: ingabe lo nguKristu na? 30 Ba pumake emzini, ba be ya kuye. 31 Ku lo mkati abafundi ba m ncenga, be ti, Rabi, yidhla. 32 Kepa wa ti kubo, Ngi nokudhla engikudhlayo eningakwaziyo. 33 Ba se be kuluma bodwa abafundi be ti, U kona yini o m letele ukudhla na? 34 UJesu wa ti kubo, Ukudhla kwami ku ukwenza intando yongitumileyo, nokufeza umsebenzi wake. 35 A ni sho yini ukuti, Izinyanga zi se zine, ku fike ukuvuna na? bhekani, ngi ti kini, Pakamisani amehlo enu, ni buke amabuya, a se mhlope ukuba ku vunwe. 36 Ovunayo wamkeliswa umvuzo, a bute izitelo ku be ukupila okumiyo njalo; ukuba ohlwanyelayo a tokoze kanye novunayo. 37 Ngoba ku loku li qinisile izwi lokuti, Omunye u ya hlwanyela, omunye a vune. 38 Mina nga ni tumela ukuvuna loko eni nga kandhlekanga ngako: kwa kandhleka abanye, ninake ni ngene ekukandhlekeni kwabo.

39 Kwa kolwa uye amaSamariya amaningi a lowo muzi ngezwi lowesifazana owa fakaza ngokuti, Wa ngi tshela konke enga ke nga kwenza. 40 Njaloke a t'ukufika kuye amaSamariya, a m nxusa ukuba a hlale nawo: wa hlala kona izinsuku ezimbili. 41 Kwa kolwa abaningi ngakumbe ngezwi lake; 42 ba ti ke kowesifazana, A si sa kolwa ngokulanda kwako: si zizwele nati, si y'azi ukuti isibili lo u nguMsindisi womhlaba.

43 Emva kwezinsuku ezimbili wa puma lapo wa ya eGalile. 44 Ngokuba uJesu uqobo wa fakaza, ukuti umprofeti ka na kutuswa ezweni la kubo. 45 Njaloke e se fikile eGalile, aba seGalile ba m amkela, be bone konke akwenzayo eJerusalem emkosini: ngokuba ba be yile nabo emkosini.

46 Ngakoke wa buya wa ya eKana la seGalile, lapo enza kona amanzi a ba iwayini. Kwa ku kona isilomo esitile, esa si gulelwe indodana eKapernaum. 47 Sa ti ukuzwa ukuti uJesu u fikile eGalile e vela eJudiya, sa ya kuye, sa m ncenga ukuba ehle, a pulukise indodana yaso; ngoba ya be se i za kufa. 48 Wa ti ke uJesu kuso, Uma ni nga boni izibonakaliso nemimangaliso, ni nge ke na kolwa. 49 Isilomo sa ti kuye, Nkosi, a ke wehle e nga ka fi umntanami. 50 Wa ti uJesu kuso, Sal'u su hamba; indodana yako i pilile. Lo muntu wa kolwa izwi alishoyo uJesu kuye, wa hamba. 51 Kwa ti e s'ehla izinceku zake za m hlangabeza, zi ti umntanake u pilile. 52 Njaloke wa buza kuzo isikati a qale ukululama ngaso. Za ti ke kuye, Izolo ngehora lesikombisa umkuhlane wa m yeka. 53 Njaloke uyise wa be se u y'azi ukuba iso isikati uJesu a sho ngaso kuye ukuti, Indodana yako i pilile: wa kolwa yena, nendhlu yake yonke. 54 Lesi yisibonakaliso sesibili uJesu as'enzayo, e fike eGalile e vela eJudiya.

5 Emva kwa loku kwa ba kona umkosi wabaJuda: uJesu w'enyukela eJerusalem.

2 Ku konake eJerusalem nga sesangweni lezimvu icibi, eli tiwa ngesi-Heberu iBetesda, li nemipeme e isihlanu. 3 Kwa ku lele kuyo isiqumbi sabagulayo, izimpumpute, nezinyonga, nabashwabeneyo.* 5 Kwa ku

*Kwezinye izimpinda zencwadi ezindala ku kona na loku: be lindela ukuba ku nyakaziswe amanzi: 4 ngoba kwa kwehle ingelosi yeNkosi i ngene ecibini i zamazamise amanzi: be se ku ti o ngena kuqala emva kwokuzanyazanyiswa kwamanzi a pile a ti mwe, nakuba ikupi ukufa a be banjwe yiko.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku piliswa isigogo eBetesda ngeSabata. UJesu u ya solwa.

kona umuntu otile, owa e isigogo iminyaka emashumi amatatu nesishiyangalombili. 6 UJesu e m bona e lele, azi ukuba u se nesikati esikulu e njalo, wa ti kuye, U ya tanda ukupila u ti mwe na? 7 Ogulayo wa pendula wa ti kuye, Nkosi, a ngi na muntu wokungifaka ecibini, uma amanzi e zanyazanyiswa: kepa lapa ngi zayo ku y'ehla omunye pambi kwami. 8 UJesu wa ti kuye, Vuka, u tabate ukuko lwako, u hambe. 9 Wa se e pila wa ti mwe lowo muntu masinyane, wa tabata ukuko lwake wa hamba.

Kwa ku isabata nga lolo suku. 10 Ngakoke abaJuda ba ti kopilisiweyo, Yisabata, a ku vumekile ukuba u twale ukuko lwako. 11 Kepa wa ba pendula wa ti, O ng'enze nga pila, u te yena kimi, Tabata ukuko lwako, u hambe. 12 Ba m buza ba ti, Ubani lo muntu o te kuwe, Tabata ukuko lwako, u hambe na? 13 Kepa opulukisiweyo wa e nga m azi ukuba u ngubani; ngoba uJesu wa be te nyelele, ku kona isixuku ku leyo ndawo. 14 Emva kwa loko uJesu wa m fumana etempelini, wa ti kuye, Bheka, u su pilile u te mwe: u nga be u s'ona, funa u ze wehlelwe okubi kuna loku. 15 W'emukake lo muntu, wa ba tshela abaJuda ukuti uJesu o menze a pile. 16 Ngenxa ya loko abaJuda ba m zingela uJesu, ngokuba wa kwenza loku ngesabata. 17 Kepa uJesu wa ba pendula wa ti, UBaba ku seloku e sebenza na kaloku, nami ngi ya sebenza. 18 Ngakoke ngenxa ya loko abaJuda kwa ba ima be funa kakulu ukumbulala, loku u be ng'apule isabata kupela, kodwa wa buya wa ti uNkulunkulu u nguYise, e z'enza o lingene noNkulunkulu.

19 Ngakoke uJesu wa pendula wa ti kubo, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, INdodana i ng'enze luto ngokwayo, kupela loko e bona uYise e kwenza: ngoba loko akwenzayo yena, lokoke i ya kwenza neNdodana ngokunjalo. 20 Ngoba uYise u ya yi tanda iNdodana, u yi bonisa konke akwenzayo yena: wo yi bonisa imisebenzi emikulu kuna le, ukuba ni mangale. 21 Ngoba njengoYise e vusa abafileyo a b'enze ba pile, kunjalo neNdodana i benza ba pile njengokutanda kwayo. 22 Ngoba futi uYise k'ahluleli muntu, u yi nike iNdodana konke ukwahlulela; 23 ukuba bonke ba tuse iNdodana, njengaloku be tusa uYise. O nga yi tusi iNdodana ka m tusi uYise owayitumayo. 24 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, O zwa izwi lami, a kolwe owangitumayo, u nokupila okumiyo njalo, a k'ezi ekwahlulelweni, kepa u se sukile ekufeni wa ngena ekupileni. 25 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Isikati si y'eza, se si kona na manje, lapo abafileyo ba ya kulizwa izwi leNdodana ka Nkulunkulu; abezwayo ba ya kupila. 26 Ngoba njengoYise e nokupila ku yena, ku njalo u nike iNdodana nayo i be nokupila ku yona: 27 u yi nike amandhla okwahlulela, ngokuba i yindodana yomuntu. 28 Ni nga mangali nga loku: ngoba isikati si y'eza, oku ya kuti ngaso bonke aba sematuneni ba li zwe izwi layo, 29 ba pume; ab'enze ukulunga, ba ye ekuvukeni kokupila; aba gile okubi, ba ye ekuvukeni kwokwahlulelwa.

30 A ngi na kwenza luto ngokwami: njeng'engikuzwayo, ngi y'ahlulela ngako: ukwahlulela kwami ku lungile; loku ngi nga funi intando yami, ngi funa intando yowangitumayo. 31 Uma ngi zifakazela mina, ubufakazi bami a bu qinisile. 32 Ngomunye o fakaza ngami; ngi y'azi ukuti ubufakazi a ngi fakazela ngabo bu qinisile. 33 Ni tumele ku Johane, u li fakazele iqiniso. 34 Kepa ubufakazi engibamkelayo a bu veli ku muntu: kodwake ngi sho loku, ukuba ni sindiswe. 35 Yena wa e isibani esivutayo nesikanyayo; nina be ni tanda ukwetaba isikashana ekukanyeni kwake. 36 Kepa ubufakazi engi nabo bu kulu kunobu ka Johane; ngoba imisebenzi uBaba a ngi nike yona ukuba ngi yi feze, yona imisebenzi engiyenzayo, i ya ngi fakazela, ukuti uBaba u ngi tumile.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukupiwa kwaba 5,000. UJesu u hamba pezu kwamanzi.

37 Naye uBaba owangitumayo, u fakaze ngami. A ni zanga ni zwe izwi lake na nini, a ni bonanga isimo sake. 38 Izwi lake a ni nalo eli hlezi pakati kwenu: ngoba lowo amtumayo yena, a ni kolwa uye. 39 Ni ya penyisisa imibhalo, ngokuba ni ti ni nokupila okumiyo njalo kuyo; inganti iyona e fakaza ngami; 40 kepa a ni vumi ukuza kimi, ukuba ni be nokupila. 41 A ng'amkeli ludumo ku bantu mina. 42 Kodwa ngi ya n'azi nina, ukuba a ni nalo utando lu ka Nkulunkulu pakati kwenu. 43 Ngi ze ngegama li ka Baba, a ni ng'amkeli: uma ku za omunye ngelake igama, lowo ni ya kumamkela. 44 Ni nga kolwa kanjani nina, en'amkela udumo omunye komunye, ni nga lu funi udumo olu vela ku Nkulunkulu yedwa na? 45 Ni nga ti ngi ya kunibek'icala ku Baba: u kona o ni bek'icala, uMoses, eni tembela kuye. 46 Ngoba uma be ni kolwa uMoses, be ni ya kukolwa imina; ngoba yena wa loba ngami. 47 Kodwa uma ni nga kolwa oku bhalwa uye ni ya kukolwa kanjani amazwi ami.

6 Emva kwa loku uJesu w'emuka wa ya ngapesheya kwolwandhle lwa seGalile, olwa seTiberiya. 2 Wa landelwa isixuku esikulu, si bone izibonakaliso zake azenzayo kwabagulayo. 3 UJesu ke w'enyukela entabeni, wa hlala pansi kona nabafundi bake. 4 Kwa ku seduze ipasika, umkosi wabaJuda. 5 Ngakoke uJesu wa pakamisa amehlo ake, wa bona ukuti isixuku esikulu si za kuye, wa ti ku Filipu, Si za kutengapi ukudhla, ukuba ba dhle laba na? 6 Wa sho loku e m vivinya: ngoba yena wa e kwazi a za ku kwenza. 7 UFilipu wa m pendula wa ti, Izinkwa za osheleni aba makulu mabili zi nge b'anele, ukuba ilowo a tabate ingcozana. 8 Omunye wabafundi bake, uAndreya, umfo wabo ka Simon Petro, wa ti kuye, 9 Ku kona lapa umfana, o nezinkwa zebarle ezi isihlanu, nezinhlanzi ezimbili: kepa ku yini loku kwabaningi kangaka na? 10 UJesu wa ti, Hlalisani pansi abantu. Kwa ku kona utshani obuningi ku leyo ndawo. Njaloke amadoda a hlala pansi, umumo wawo kungati izinkulungwane ezi isihlanu. 11 UJesu wa se tabata ke izinkwa; e se bongile, wa b'abela abahleziyo; kwa ba njalo nezinhlanzi njengokutanda kwabo. 12 Se be suti, wa ti ku bafundi bake, Butani amavutuluka aseleyo, ukuze ku nga citeki luto. 13 Ba se be wa buta, ba gcwalisa amaqoma a ishumi nambili ngamavutuluka ezinkwa ezi isihlanu zebarle, a sele kwabadhlileyo. 14 Kwa ti ke ukuba abantu ba bone isibonakaliso asenzayo ba ti, Impela lo ngumprofeti lowo ozayo emhlabeni.

15 Ngakoke uJesu azi ukuba ba za kuza ba m xozomele, ukuba ba m enze inkosi, wa buya wa monyuka wa ya entabeni e yedwa.

16 Se ku hlwa abafundi bake b'eukela elwandhle: 17 ba ngena esikebheni, ba be wela ulwandhle ukuya eKapernaum. Kwa be se ku mnyama, uJesu wa e nga ka fiki kubo. 18 Lwa lu vuka ulwandhle ngenxa yomoya omkulu owa u vunguza. 19 Se be gwedhlile kungati amastadiu amashumi mabili nesihlanu, mhlaumbe amashumi matatu, ba bona uJesu e hamba pezu kwolwandhle, e sondela esikebheni: b'esaba. 20 Kepa wa ti kubo, Imina: ni ng'esabi. 21 Ba vumake ukumamkela esikebheni: isikebhe sa se si fika masinyane ezweni aba be ya kulo.

22 Ngangomso isixuku esa si mi ngapesheya kwolwandhle sa bona ukuti be ku ngeko esinye isikebhana, sinye kupela, nokuba uJesu ka ngenanga esikebheni kanye nabafundi bake, kepa abafundi bake, b'emuka bodwa 23 (kodwa izikebhe zi vela eTiberiya za zi fike eduze nendawo lapa ba dhla kona isinkwa i bongile iNkosi): 24 isixuku sa ti ke ukubona ukuti uJesu a kako lapo, nabafundi bake, sa ngena ezikebheni sona sa ya eKapernaum, si funa uJesu. 25 Se be m fumene ngapesheya kwolwandhle, ba ti kuye, Rabi, u fike nini lapa? 26 UJesu wa ba pendula wa ti, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isinkwa esi vela ezulwini. AbaJuda ba ya konona.

A ni ngi funi ngokuba ni bone izibonakaliso kodwa yingoba na dhla izinkwa, n'esuta. **27** Musani ukusebenzela ukudhla okububayo, kepa sebenzelani ukudhla oku hlala ku ze ku be sekupileni okumiyo njalo, eya kuninika kona iNdodana yomuntu: ngokuba ku yona uYise uNkulunkulu u bekile upau. **28** Ba ti ke kuye, Si ng'enzani, ukuba si sebenze imisebenzi ka Nkulunkulu na? **29** Wa pendula uJesu wa ti kubo, Yilo umsebenzi ka Nkulunkulu, ukuba ni kolwe uye amtumileyo. **30** Ba ti ke kuye, W'enza sibonakaliso sini po, ukuba si bone, si kolwe uwe na? u sebenzani na? **31** Okoko ba dhla imana ehlane; njengokulotshiweyo ukuti, Yena wa ba nika isinkwa esi vela ezulwini ukuba ba dhle. **32** UJesu wa ti ke kubo, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, A ku siye uMoses owa ni nika isinkwa esi vela ezulwini; kodwa uBaba u ni nika isinkwa esonasona esi vela ezulwini. **33** Ngoba isinkwa si ka Nkulunkulu si yisona, es'ehla ezulwini, si nika umhlaba ukupila. **34** Ba ti ke kuye, Nkosi, si pe lesi sinkwa njalonjalo. **35** UJesu wa ti kubo, Mina ngi isinkwa sokupila: ozayo kimi ka yi kulamba, n'o kolwa yimi ka soze oma. **36** Kepa ngi te kini, ni ngi bonile, noko a ni kolwanga. **37** Konke a ngi nika kona uBaba ko za kimi; nozayo kimi a ngi soze nga m lahla. **38** Loku ng'ehle ezulwini ku nge siko ukuba ng'enze intando yami, kodwa ukuba ngenze intando yowangitumayo. **39** Loku ku yintando yowangitumayo, ukuba kuko konke a ngi nike kona ngi nga lahlekelwa luto, kodwa ngi ku vuse ngomhla wokupela. **40** Ngoba loku ku yintando ka Baba, ukuba ilowo o bona iNdodana, a kolwe iyo, a be nokupila okumiyo njalo; ngo m vusa mina ngomhla wokupela.

41 Ngakoke abaJuda ba konona ngaye, loku e te, Mina ngi isinkwa es'ehla ezulwini. **42** Ba ti, Lo a siye uJesu, indodana ka Josefa uyise no nina esibaziyo na? u se sho kanjani po ukuti, Ng'ehle ezulwini? **43** UJesu wa pendula wa ti kubo, Musani ukukonona pakati kwenu. **44** A kuko muntu o ng'eza kimi, uma uBaba owangitumayo e nga m donsi: minake ngo m vusa ngomhla wokupela. **45** Ku lotshiwe ku baprofeti ukuti, Ba ya kufundiswa uNkulunkulu bonke. Lowo ozwileyo ku Baba, wa funda, u y'eza kimi. **46** Ku nge siko kambe ukuti u kona owa ke wa bona uBaba, kupela o vela ku Nkulunkulu, lowoke u bonile uBaba. **47** Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Okolwayo u nokupila okumiyo njalo. **48** Mina ngi isinkwa sokupila. **49** Okoko benu ba dhla imana ehlane, se ba fa. **50** Yilesi isinkwa es'ehla ezulwini, ukuba umuntu a si dhle, a nga fi. **51** Mina ngi isinkwa esipilileyo es'ehla ezulwini: uma umuntu e dhla lesi sinkwa, u ya kupila ku ze ku be nini: yeboke, nesinkwa engi ya kumnika sona si inyama yami, ngenxa yokupila kwomhlaba.

52 Ba se be xabana bodwake abaJuda, be ti, Lo a nga si nika kanjani inyama yake, si yi dhle na? **53** Wa ti ke kubo uJesu, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Uma ni nga yi dhli inyama yeNdodana yomuntu ni puze igazi layo, a ni na kupila kini. **54** Odhlayo inyama yami a puze igazi lami u nokupila okumiyo njalo; minake ngo m vusa ngomhla wokupela. **55** Ngoba inyama yami i ngukudhla isibili, negazi lami li ngukupuza isibili. **56** Odhlayo inyama yami a puze igazi lami u hlala kimi, nami kuye. **57** Njengaloku uBaba opilayo wa ngi tuma nami ngi pila ngoBaba; ku njalo lowo ongidhlayo, naye u ya kupila ngami. **58** Yilesi isinkwa es'ehla ezulwini: ku nge njengaloku okoko benu ba dhla, se ba fa; o dhla lesi sinkwa wo pila ku ze ku be nini. **59** Loku wa ku sho esinagogeni, e fundisa eKapernaum.

60 Ngakoke abaningi ku bafundi bake se be zwile loku, ba ti, Leli zwi li lukuni; ubani o nga se a li zwe na? **61** Kepa uJesu azi pakati kwake ukuti abafundi bake ba konona nga loku, wa ti kubo, Ku ya ni kubekisa loku

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abafundi abaningi ba ya m shiya. Abantu bahlukana ngaye.

na? 62 Uma po, ni bona iNdodana yomuntu yenyukela lapa ya i kona kuqala na? 63 NguMoya owenza ukupila; inyama a i sizi luto: amazwi engi wa kulume kini a ngumoya, a ngukupila. 64 Kodwa ba kona abanye kinina abangakolwayo. Ngoba uJesu w'azi kwa sekuqaleni ukuba obani abangakolwayo nokuba ubani o za kumkapela. 65 Wa ti, Yi ngenxa ya loku ngi te kini, A kako o ng'eza kimi, uma e nga ku piwa uBaba.

66 Ngalokoke abaningi babafundi bake ba buyela emva, a ba be be sa hamba naye. 67 UJesu wa ti ke kwaba ishumi nambili, Nani ni tanda ukumuka na? 68 USimon Petro wa m pendula wa ti, Nkosi, si zo mukela ku bani na? amazwi okupila okumiyo njalo u nawo. 69 Si koliwe si y'azi ukuti wena u ngoNgcwele ka Nkulunkulu. 70 UJesu wa ba pendula wa ti, A ngi ni ketanga nina aba ishumi nambili na, kepa omunye kini u ngumhlebi? 71 Wa e kuluma ngoJudasi ka Simon Iskariyoti, ngoba lowo nguye o be za kumkapela, e ngomunye waba ishumi nambili.

7 Emva kwa loku uJesu wa hambahamba eGalile: ngoba wa e nga tandi ukuhambahamba eJudiya, ngoba abaJuda be be funa ukumbulala. 2 Kwa se ku sondele umkosi wabaJuda, o wamadokodo. 3 Abafo wabo ba ti ke kuye, Suka lapa, u ye eJudiya, ukuze abafundi bako nabo ba bone imisebenzi yako oyenzayo. 4 Ngoba a kuko muntu o wenza uto esita, inganti yena u funa ukuba a be sobala. Uma wenza loku, zibonakalise kuwo umhlaba. 5 Ngoba nabafo wabo ba be nga kolwa uye. 6 UJesu wa ti ke kubo, Isikati sami a si ka biko; kodwa esenu si hlala si lungile njalo. 7 Umhlaba u nge ni zonde nina; kepa mina u ya ngi zonda, ngokuba ngi fakaza ngawo, ukuti imisebenzi yawo mibi. 8 Y'enyukelani nina emkosini: a ng'enyukeli mina ku lo mkosi; loku isikati sami a si ka gcwaliseki. 9 E se shilo loku kubo, wa hlala eGalile.

10 Kepa abafo wabo se b'enyukele emkosini, wa s'enyuka naye, ku nge sobala, kungati ku sesita. 11 Ba m funake abaJuda emkosini, ba ti, Upi yena? 12 Kwa ba kona ukukonona okukulu ngaye ezixukwini: abanye ba ti, U ngolungileyo; abanye ba ti, Qa, kodwa wedusa abantu. 13 Noko kwa ku ngeko muntu owa kuluma obala ngaye ngokwesaba abaJuda.

14 Kepa kwa ti se ku pakati kwomkosi uJesu w'enyukela etempelini, wa fundisa. 15 AbaJuda ba mangalake, ba ti, Lo u y'azi kanjani imfundo, e nga zanga a funde na? 16 UJesu wa ba pendulake, wa ti, Imfundiso yami a siyo eyami, i ngeyowangitumayo. 17 Uma umuntu e tanda ukwenza intando yake, u ya kwazi ngemfundiso, ukuba i vela ku Nkulukulu, kuko ngi zikulumela okwami yini na? 18 O zikulumela ngokwake u funa olwake udumo: kepa o funa udumo lowamtumayo, lowo u qinisile, a kuko ukungalungi kuye. 19 UMoses ka ni nikanga yini umteto kanti a kako kini o wenza okomteto? Ni funelani ukungibulala na? 20 Isixuku sa pendula sa ti, U nedemone wena: ubani o funa ukukubulala? 21 UJesu wa pendula wa ti kubo, Ng'enze umsebenzi wa ba munye, ni ya mangala nonke ngawo. 22 UMoses kambe u ni nike ukusoka (ku nge siko ukuti ku ngoku ka Moses, kodwa okwa okoko): njaloke ngesabata ni soka umuntu. 23 Uma umuntu amkeliswa ukusoka ngesabata, ukuze ku ng'apulwa umteto ka Moses; ni ngi tukutelela, ngokuba ng'enze umuntu a pile a ti mwe ngesabata na? 24 Ni ng'ahluleli ngokokubonakalayo, y'ahlulelani ukwahlulela okulungileyo.

25 Ba se be tike abanye ba seJerusalem, A siye lo aba funa ukumbulala na? 26 Bhekani, u kuluma obala, a ba sho luto kuye. Konje ingabe ababusi ba y'azi isibili ukuba lo u nguKristu na? 27 Kantike lo si ya m azi lapa e vela kona: kepa uKristu nxa e fika, ka yi kwaziwa noyedwa lapa e vela kona. 28 Ngakoke uJesu wa memeza etempelini e fundisa, e ti,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ni ya ng'azi, ni y'azi na lapa ngi vela kona; a ngi zizelanga mina, kodwa owangitumayo u qinisile, eningamaziyo nina. 29 Ngi ya m azi mina; loku ngi vela kuye, uyena owangitumayo. 30 Ngakoke ba funa ukumbamba: kepa a ku bangako o yisa isandhla kuye, ngoba isikati sake sa si nga ka fiki. 31 Kepa esixukwini abaningi ba kolwa uye; ba ti, UKristu nxa e fikile, u ya kwenza izibonakaliso eziningi kuna lezi azenzileyo lo na? 32 AbaFarisi b'ezwa isixuku si konona lezi zinto ngaye; abapristi abakulu nabaFarisi ba se be tuma amapolisa ukuba a m bambe. 33 Ngakoke uJesu wa ti, Ku se isikashana ngi nani, be se ngi mukelake kowangitumayo. 34 Ni ya kungifuna, ni nga ngi fumani: na lapo ngi kona, ni nge ze nina. 35 Ba ti ke abaJuda be kuluma bodwa, U za kuya ngapi lo, si ze si nga m fumani na? u za kuya kwabahlakazekileyo ku maGreki, a fundise amaGreki na? 36 Li yini leli zwi alishoyo lokuti, Ni ya kungifuna, ni nga ngi fumani; na lapo ngi kona, ni nge ze nina?

37 Ngosuku lokugcinake, olukulu lomkosi, uJesu w'ema wa memeza, e ti, Uma e kona owomileyo, a k'eze kimi a puze. 38 O kolwa yimi, njengokusho kwombhalo, imifula yamanzi apilileyo i ya kumpompoza esiswini sake. 39 Kepa wa kuluma loko e sho uMoya, aba be za kumamkela aba kolwa uye; ngokuba uMoya wa e nga ka veli; loku uJesu e nga ka dunyiswa. 40 Abanye besixuku, se b'ezwe lamazwi, ba ti, Lo u ngumprofeti isibili. 41 Abanye ba ti, Lo u nguKristu. Kepa abanye ba ti, Kanti uKristu u ya kuvela eGalile na? 42 A u shongo yini umbhalo ukuti uKristu u vela enzalweni ka Davida, na seBethlehem, emzaneni lapa wa e kona uDavida na? 43 Ngakoke kwa ba kona ukwahlukana esixukwini ngaye. 44 Abanye kubo ba be tanda ukumbamba; kepa a ku bangako o yisa isandhla kuye.

45 A fikake amapolisa ku bapristi abakulu na ku baFarisi; ba ti kuwo, A ni m letanga ngani na? 46 Amapolisa a pendula a ti, A ku zanga ku kuluma muntu kanjeya. 47 Ba wa pendulake abaFarisi, ba ti, N'edusiwe nani na? 48 Ku kona yini ku babusi o kolwa uye, na ku baFarisi na? 49 Kodwa lesi sixuku esi nga w'azi umteto si qalekisiwe. 50 UNikodemu wa ti kubo, (lowo ow'eza kuye kuqala, e ngomunye wabo), 51 Konje umteto wa kiti u ya m ahlulela yini umuntu, u nga k'ezwa kuye kuqala, wazi akwenzayo na? 52 Ba pendula ba ti kuye, Nawe u ngowa seGalile na? Penyisisa, u bone ukuti a ku veli umprofeti e Galile.

53 * (Ba se be hamba kwa ilowo
8 wa goduka: 1 kepa uJesu wa ya entabeni yemiNqumo. 2 Kwa ti se ku beja ukusa wa buya w'eza etempelini, abantu bonke b'eza kuye; wa hlala pansi, wa ba fundisa. 3 Ababhali nabaFarisi ba leta kuye owesifazana e banjwe e pinga; se be m mise pakati, 4 ba ti kuye, Mfundisi, lo wesifazana u banjwe e pinga, e kuko uqobo. 5 UMoses wa si yalake emtetweni ukuba abanjalo ba kandwe ngamatshe: po u tini wena ngaye na? 6 Ba ku sho loku, be m vivinya, ukuba ba be nako aba nga m beka icala ngako. Kodwa uJesu wa fola, wa loba emhlabatini ngomunwe. 7 Se be iloku be m buza, wa lulama, wa ti kubo, O nge na sono pakati kwenu, ka qale a m ponse ngetshe. 8 Wa buya wa fola, wa loba emhlabatini ngomunwe. 9 Ba ti ukuzwa loku, ba puma ngabanye, ku qala kwabadala, kwa za kwa ba abokupela: uJesu wa sala yedwa nowesifazana e se mi pakati. 10 UJesu wa lulama, wa ti kuye, Mfazindini, bapi pela? a kako okulahlayo na? 11 Wa ti, Kako, Nkosi. UJesu wa ti, Nami a ngi ku lahli: hamba; u nga be u s'ona.)

12 Ngakoke uJesu wa buya wa kuluma kubo, e ti, Ngi ukukanya kwo-

* Kweziningi izimpinda ezindala zencwadi le ndaba [7:53-8:11] a yiko. Futi ezinye ezi nayo zi yi landa ngokwahlukileyo kwezinye.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukukanya kwomhlaba. Abantwana ba ka Abrahama ngesiminya.

mhlaba: ongilandelayo ka yi kuhamba ebumnyameni, kodwa wo ba nokukanya kwokupila. **13** Ba ti ke kuye abaFarisi, U ya zifakazela wena; ubufakazi bako a bu qinisile. **14** UJesu wa pendula wa ti kubo, Noma ngi zifakazela mina, ubufakazi bami bu qinisile; ngoba ngi y'azi ukuti nga velapi, nokuti ngi yapi; kepa nina a n'azi ukuti nga velapi, nokuti ngi yapi. **15** Nina n'ahlulela ngokwenyama; mina a ng'ahluleli muntu. **16** Nakubake ng'ahlulela, ukwahlulela kwami ku qinisile; ngoba ngi nge ngedwa, kodwa yimina noBaba owangitumayo. **17** Yebo ku lotshiwe na semtetweni wa kini ukuti ubufakazi babantu ababili bu qinisile. **18** Ngi nguye o fakaza ngami, noBaba owangitumayo u ya fakaza ngami. **19** Ba ti ke kuye, Upi uyihlo na? UJesu wa pendula ngokuti, A ni ng'azi mina, a ni m azi noBaba: uma be n'azi mina, be ni ya kumazi noBaba. **20** Lawa mazwi wa wa kuluma endaweni yeminikelo, e fundisa etempelini: a ku bangako owambambayo; ngoba sa si nga ka fiki isikati sake.

21 Ngakoke wa buya wa ti kubo, Ngi y'emuka, ni ya kungifuna, ni fele ekwoneni kwenu: lapa ngi ya kona, ni nge ze nina. **22** Ba ti ke abaJuda, U za kuzibulala yini, loku e ti, Lapa ngi ya kona, ni nge ze nina? **23** Wa ti kubo, Nina ni ngabapansi; mina ngi ngowa pezulu: nina ni ngaba lo mhlaba; mina a ngi ngowa lo mhlaba. **24** Yingalokoke ngi te kini, ni ya kufela ezonweni zenu: ngoba uma ni nga kolwa ukuti ngi uye, ni ya kufela ezonweni zenu. **25** Ba ti ke kuye, Wena u ngubani na? UJesu wa ti kubo, Ngi yikona loko engi loku ngi ku sho kini kwa sekuqaleni. **26** Ngi nokuningi okokuba ngi ku kulume ngahlulele ngako ngani: kodwa owangitumayo u qinisile; loko engakuzwayo kuye, ngi ku kuluma kuwo umhlaba. **27** Ka b'azanga ukuba u kuluma kubo ngoYise. **28** Wa ti ke uJesu, Nxa se ni yi pakamisile iNdodana yomuntu, konake ni ya kwazi ukuti ngi nguye, nokuti a ng'enzi luto ngokwami, kodwa njengaloko ngi fundisiwe uBaba, ngi kuluma lezi zinto. **29** Owangitumayo u nami; ka ngi shiyanga ngedwa; loku ng'enza njalonjalo oku m hlaba umxwele. **30** E sa kuluma loku, abaningi ba kolwa uye.

31 UJesu wa ti ke ku baJuda aba se be koliwe uye, Uma ni hlezi ezwini lami, ni ngabafundi bami isibili; **32** ni ya kulazi iqiniso, iqiniso li ya kunikulula. **33** Ba m pendula ba ti, Si inzalo ka Abraham tina, a si bonanga si ze senziwe izigqili na ubani: wena u sho kanjani ukuti, Ni za kuba abakululekileyo? **34** Wa ba pendula uJesu wa ti, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Lowo owenza isono u isigqili sesono. **35** Isigqili a si hlali endhlini ku ze ku be nini: indodana i hlala ku ze ku be nini. **36** Ngakoke uma iNdodana i ni kulula, ni ya kuba abakululekileyo impela. **37** Ngi y'azi ukuba ni inzalo ka Abraham; noko ni funa ukungibulala, ngokuba izwi lami li nge na ndawo kini. **38** Mina ngi kuluma loko engi ku bone ku Baba; nanike n'enza loko eni ku zwe ku yihlo. **39** Ba pendula ba ti kuye, Ubaba wetu u nguAbraham. UJesu wa ti kubo, Uma be ni ngabantwana ba ka Abraham, be ni ya kwenza imisebenzi ka Abraham. **40** Kodwa kaloku ni funa ukungibulala, mina muntu o ni tshele iqiniso, engi li zwe ku Nkulunkulu: uAbraham ka kwenzanga loko. **41** Nina n'enza imisebenzi ka yihlo. Ba ti kuye, A si zalwanga ngobufebe; si noBaba munye, uNkulunkulu. **42** Wa ti kubo, uJesu, Uma uNkulunkulu e be nguYihlo, be ni ya kungitanda mina: ngoba nga puma ku Nkulunkulu ngi fikileke; ngoba a ngi zizelanga ngokwami, kodwa yena wa ngi tuma. **43** Yini ukuba ni nga yi zwisisi inkulumo yami? Yingoba a ni na kuzwa izwi lami. **44** Nina ni ngaba ka yihlo umhlebi, nezinkanuko zi ka yihlo ni tanda ukuzenza. Lo wa e ngumbulali kwa sekuqaleni, a k'emi eqinisweni, loku iqiniso li ngeko kuye. Nxa e kuluma amanga, u ku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

luma oku ngokwake: loku e ngo namanga, noyise wawo. 45 Kepa mina ngoba ngi kuluma iqiniso, a ni kolwa yimi. 46 U mupi kini o ngi lahla ngokwona? Uma ngi kuluma iqiniso, a ni kolwa yimi ngani na? 47 O ngoka Nkulunkulu u zwa amazwi ka Nkulunkulu: yingalokuke a ni zwa nina, ngokuba a ni sibo aba ka Nkulunkulu. 48 Ba se be pendula aba-Juda ba ti kuye, A si sho kahle yini ukuti wena u ngumSamariya, u nedemone na? 49 UJesu wa pendula wa ti, A ngi na demone; kodwa ngi tusa uBaba, nina ni ya ngi tunisa 50 Kepa a ngi zifuneli ludumo: u kona ofunayo ahlulele. 51 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Uma umuntu e gcina izwi lami, ka soze a bona ukufa ku ze ku be nini. 52 Aba-Juda ba ti kuye, Kaloku si y'azi ukuba u nedemone. UAbraham wa fa, nabaprofeti; wena u ti, Uma umuntu e gcina izwi lami, ka soze a ku zwa ukufa ku ze ku be nini. 53 Wena mkulu kunobaba uAbraham, owafayo na? nabaprofeti ba fa: u z'enza ubani wena na? 54 UJesu wa pendula wa ti, Uma ngi zidumisa, udumo lwami lu ize: nguBaba ongidumisayo; eni ti ngaye, nguNkulunkulu wenu; 55 inganti a ni m azanga: kepa mina ngi ya m azi: uma ngi ti, a ngi m azi, ngi nga ba o qamb'amanga njengani: kodwa ngi ya m azi, ngi gcina izwi lake. 56 UAbraham uyihlo w'etaba ukuba a ze a bone usuku lwami; wa lu bonake, wa tokoza. 57 Ngakoke abaJuda ba ti kuye, A u ka bi nayo iminyaka emashumi a isihlanu, se u ke wa m bona uAbraham na? 58 UJesu wa ti kubo, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, UAbraham e nga ka zalwa, ngi kona. 59 Ba se be tabata amatshe ukuba ba m ponse: kepa uJesu wa sitela, wa puma etempelini.

9 Kwa ti e dhlula, wa bona umuntu o be impumpute kwa sekuzalweni kwake. 2 Abafundi bake ba m buza, ba ti, Rabi, ngumupi owonayo, lo muntu, kuko ngabazali bake ukuze a zalwe e impumpute na? 3 UJesu wa pendula wa ti, A k'onanga lo, nabazali bake; kodwa ukuba ku bonakaliswe kuye imisebenzi ka Nkulunkulu. 4 Si melwe ukusebenza imisebenzi yowangitumayo, ku se semini: ku y'eza ubusuku, lapo ku nge sebenze muntu. 5 Nxa ngi kona emhlabeni, ngi ukukanya kwomhlaba. 6 Se e kulumile loku, wa fel'amate emhlabatini, w'enza udaka ngamate, wa ninda amehlo ayo ngodaka, 7 wa ti kuyo, Hamba, u yo geza ecibini la seSiloma (oku ukuti ngokuhunyushwa, Otunyiweyo). Y'emukake ya ya, ya ge a, y'eza i bona. 8 Ngakoke abakelwane bayo, naba be yi bonile kuqala, i isipanzi, ba ti, A siye lo owa be e hlezi e panza na? 9 Abanye ba ti, Uyena: abanye ba ti, Hayi, kodwa u fana naye. Yena wa ti, Ngi nguye. 10 Ba ti ke kuye, Po amehlo ako a vulwe kanjani na? 11 Wa pendula wa ti, Umuntu o tiwa uJesu w'enza udaka, wa ninda amehlo ami, wa ti kimi, Yiya eSiloma, u geze: ngakoke nga ya nga geza, nga bona. 12 Ba ti kuye, Upi yena na? Wa ti, A ngi m azi.

13 Ba se be m yisa ku baFarisi o kade e impumpute. 14 Kwa ku isabata mhla uJesu enza udaka, wa vula amehlo ake. 15 NabaFarisi ba buya ba m buzake ukuba u tole kanjani ukubona. Wa ti kubo, U beke udaka emehlweni ami, nga geza, se ngi ya bona. 16 Ngakoke abanye babaFarisi ba ti, Lo muntu ka veli ku Nkulunkulu, loku e nga gcini isabata. Kepa abanye ba ti, Umuntu o isoni a ng'enza kanjani izibonakaliso ezinje na? Kwa ba kona ukwahlukana pakati kwabo. 17 Ba buya ba ti kuyo impumpute, Wena u tini ngaye, loku e vule amehlo ako na? Ya ti, U ngumprofeti. 18 Ngakoke abaJuda a ba kolwanga ngaye, ukuti wa be impumpute, u se tole ukubona, ba za ba biza abazali bake o se tole ukubona, 19 ba ba buza, be ti, Lo u indodana yenu, eni ti ya zalwa i impumpute na? po i si bona kanjani manje na? 20 Abazali bake ba pendulake ba ti, Si yazi ukuba lo u indodana yetu, no-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Impumpute i buzwa abaFarisi i kolwa. Isibaya sezimvu.

kuti wa zalwa e impumpute: **21** kepa ukuti u se bona kanjani kaloku, a s'azi; nokuti ngubani o vule amehlo ake, a s'azi: m buzeni; u se kulile; u zo zikulumela yena. **22** Abazali bake ba sho loku, ngokuba b'esaba abaJuda: ngoba abaJuda ba se be vumelene, ukuba uma ku kona o m vuma ukuti u nguKristu, a kishwe ebandhleni lesinagoge. **23** Yingalokoke ukuba abazali bake ba ti, U se kulile: m buzeni. **24** Ba m bizake ngokwesibili lo muntu owa be e impumpute, ba ti kuye, Nika uNkulunkulu udumo: si y'azi ukuti lo muntu u isoni. **25** Wa pendulake wa ti, Nakuba u isoni, a ng'azi: ng'azi intonye, ukuti loku be ngi impumpute, manje se ngi ya bona. **26** Ba ti ke kuye, Wenzeni kuwe? u wa vule kanjani amehlo ako? **27** Wa ba pendula wa ti, Kade ngi ni tshela, a ni zwanga; ni funelani ukuzwa futi? ni ya funa yini nani ukuba abafundi bake na? **28** Ba m tuka, ba ti, Nguwe o ngumfundi wake; kepa tina si ngabafundi ba ka Moses. **29** Si y'azi ukuti uNkulunkulu wa kuluma ku Moses: kodwa lo yena a si m azi ukuti u velapi. **30** Lowo muntu wa pendula wa ti kubo, Hau, nasoke isimangaliso, loku a ni m azi ukuti u velapi, inganti u vule amehlo ami. **31** Si y'azi ukuti uNkulunkulu ka zi zwa izoni: kodwa uma umuntu e ngokulekayo ku Nkulunkulu, a y'enze intando yake, u ya mu zwa lowo. **32** A ku zange ku zwakale selokwatini ukuti u kona owa vula amehlo omuntu o be zelwe e impumpute. **33** Uma lo e be nga veli ku Nkulunkulu, u be nge na kwenza luto. **34** Ba pendula ba ti kuye, Wena wa zalwa ezonweni impela, u fundisa tina na? Ba se be m kipa.

35 UJesu w'ezwa ukuti ba m kipile: e se m fumene, wa ti, U ya kolwa iNdodana ka Nkulunkulu na? **36** Wa pendula wa ti, I ngubani, Nkosi, ukuze ngi kolwe iyo? **37** UJesu wa ti kuye, Se u yi bonile, o kuluma nawe yiyo. **38** Wa ti, Ngi ya kolwa, Nkosi. Wa kuleka kuye. **39** Wa ti uJesu, Ngi ze nje ku lo mhlaba ngi zele ukwahlulela, ukuba abangaboniyo ba bone; ku ti ababonayo ba be izimpumpute. **40** B'ezwa loku labo ba ku baFarisi aba be naye, ba ti kuye, Nati si izimpumpute na? **41** UJesu wa ti kubo, Uma be ni izimpumpute, nga ku be a ni na sono: kodwa kaloku ni ti, Si ya bona: isono senu si hlezike.

10 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, O nga ngeni ngesango esibayeni sezimvu, kodwa e kwela ngandawo imbe, lowo u isela nesigcwelegcwele. **2** Kepa o ngena ngesango u ngumalusi wezimvu. **3** Umlind'isango u ya m vulela lowo; izimvu zi ya li zwa izwi lake: u biza ezake izimvu ngamagama, a zi pumise. **4** Nxa e se zi kipile ezake zonke, u hamba pambi kwazo, izimvu zi m landele: ngoba zi l'azi izwi lake. **5** Kepa owa semzini a zi yi kumlandela, zo m balekela: ngoba zi nga l'azi izwi laba semzini. **6** UJesu wa kuluma lo mlinganiso kubo: kepa a b'ezwisisanga ukuba ku yini loku akushoyo kubo.

7 Ngakoke uJesu wa buya wa ti kubo, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Mina ngi isango lezimvu. **8** Bonke aba fike ngapambili kwami ba amasela nezigcwelegcwele: kodwa izimvu a zi b'ezwanga. **9** Mina ngi isango; uma umuntu e ngena ngami, u ya kusindiswa, a ngene a pume, a fumane idhlelo. **10** Isela a li zeli luto, kupela ukuba l'ebe, li hlabe, li bubise: mina ngi ze ukuba zi be nokupila, zi be nako ngokudhlulileyo. **11** Ngi ngumalusi olungileyo: umalusi olungileyo u ya beka pansi ukupila kwake ngenxa yezimvu. **12** Oqashiweyo, e nge siye umalusi, izimvu zi nge sizo ezake, u bona impisi i za, a shiye izimvu, a baleke, impisi i zi xozomele, i zi hlakaze: **13** u baleka ngokuba e ngoqashiweyo, ka zi kataleli izimvu. **14** Mina ngi ngumalusi olungileyo; ngi ya z'azi ezami, ng'aziwa ezami, **15** njengaloku uBaba u ya ng'azi, nami ngi ya m azi uBaba; ukupila kwami ngi ku beka pansi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ngenxa yezimvu. 16 Nezinye izimvu ngi nazo, ezi nge sizo za lesi sibaya: na lezo ngi melwe ukuba ngi zi lete, zi ya kuzwa izwi lami; zi be mhlambi munye, nomalusi munye. 17 Yingaloku ukuba uBaba a ngi tande, ngokuba ngi beka pansi ukupila kwami, ukuba ngi buye ngi ku tabate. 18 A kako o ng'amuka kona; kodwa ngi ku beka pansi ngokwami. Ngi namandhla okukubeka, ngi namandhla okubuya ngi ku tabate. Lo myalo ngi w'amkeliswe uBaba.

19 Kwa buya kwa ba kona ukwahlukana pakati kwabaJuda nga lawa mazwi. 20 Abaningi kubo ba ti, U nedemone, u ya hlanya; ni m lalelani? 21 Abanye ba ti, La mazwi a siwo a okwelwe idemone. Imbala idemone li nga vula amehlo empumpute na?

22 Kwa ku umkosi wokwahlukaniselwa eJerusalem: 23 Kwa ku sebusika; uJesu wa e hamba etempelini empemeni ka Solomon. 24 Wa haqwake abaJuda, ba ti kuye, U ya kusingabazisa ku ze ku be nini na? Uma u nguKristu, si tshele ngokucacileyo. 25 UJesu wa ba pendula wa ti, Ngi ni tshelile, a ni kolwa: imisebenzi engiyenzayo ngegama li ka Baba, iyona e fakaza ngami. 26 Kodwa a ni kolwa ngoba a ni sizo izimvu zami. 27 Izimvu zami zi ya li zwa izwi lami, minake ngi ya z'azi, zi ya ngi landela: 28 ngi zi nika ukupila okumiyo njalo; a zi soze za buba na nini, a zi yi kuhlwitwa esandhleni sami. 29 UBaba, o ngi nike zona, mkulu kunabo bonke; a kako o nga zi hlwita esandhleni si ka Baba. 30 Mina noBaba si munye. 31 AbaJuda ba se be buya ba tabata amatshe ukuba ba m kande. 32 UJesu wa ba pendula wa ti, Ngi ni bonisile imisebenzi emininingi emihle e vela ku Baba; u mupi umsebenzi ku yona eni ngi kanda ngawo na? 33 Ba m pendula abaJuda ba ti, A si ku kandi ngomsebenzi omuhle kodwa ngokuhlambalaza; na ngokuba u ti, u ngumuntu nje, u zishaya uNkulunkulu. 34 UJesu wa ba pendula wa ti, A ku lotshiwe yini emtetweni wa kini ukuti, Ngi te, Ni ngonkulunkulu? 35 Uma wa ti ba ngonkulunkulu, labo el'eza kubo izwi li ka Nkulunkulu, (umbhalo u nge pulwe), 36 ni ti ngaye, amngcwelisayo uBaba wa m tuma emhlabeni, U ya hlambalaza; ngokuba ngi te, Ngi iNdodana ka Nkulunkulu na? 37 Uma ngi ng'enzi imisebenzi ka Baba, ma ni nga kolwa yimi. 38 Kodwa uma ngi y'enza, nakuba ni nga kolwa imina, kolwani imisebenzi: ukuba n'azi ni qonde ukuti uBaba u kimina, nami ngi ku Baba. 39 Ngakoke ba buya ba funa ukumbamba: kodwa wa punyuka esandhleni sabo.

40 Wa buya w'emuka wa ya pesheya kweJordan endaweni lapo uJohane wa e kona kuqala e bapatiza; wa hlala lapo. 41 Kwa fika abaningi kuye; ba ti, UJohane pela a k'enzanga isibonakaliso na sinye: kodwa konke uJohane akushoyo nga lo muntu ku qinisile. 42 Abaningi ba kolwa uye lapo.

11 Kwa ku konake umuntu otile e gula, uLazaro wa seBetani, wa semzaneni ka Mariya nodade wabo uMarta. 2 Wa e ngu lowo Mariya owa gcoba iNkosi ngamafuta, w'esula izinyawo zayo ngezinwele zake, omne wabo uLazaro wa e gula. 3 Ngakoke odade wabo ba tumela kuye, be ti, Nkosi, bheka, lo omtandayo u ya gula. 4 Kepa uJesu e se zwile, wa ti, Loku kugula a siko okokufa, kodwa ku ngenxa yodumo lu ka Nkulunkulu, ukuba iNdodana ka Nkulunkulu i dunyiswe ngako. 5 UJesu ke wa e tanda uMarta, nodade wabo, no-Lazaro. 6 Ngakoke wa ti ukuzwa ukuti u ya gula, wa hlala nga leyo nkati izinsuku ezimbili ku leyo ndawo a be kuyo. 7 Kwa ti emva kwa loku wa ti ku bafundi bake, A si buye si ye eJudiya. 8 Abafundi ba ti kuye, Rabi, abaJuda kade be funa ukukukanda ngamatshe kona kalokunje; u sa ya kona futi na? 9 UJesu wa pendula, wa ti, Angiti ku kona amahora a ishumi nambili emini? Uma umuntu e hamba emini, ka kubeki, ngokuba e bona ukukanya kwa lo mhlaba.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuvuswa ku ka Lazaro.

10 Kodwa uma umuntu e hamba ebusuku, uya kubeka, ngokuba ku nge-ko ukukanya kuye. **11** Wa kuluma loko: emva kwa loku wa ti kubo, ULazaro umhlobo wetu u lele; kepa ngi ya ya ukuba ngi m vuse ebuto-ngweni. **12** Abafundi bake ba tike kuye, Nkosi, uma e lele, u ya kusinda. **13** Kepa uJesu u be kulume ngokufa kwake: kepa ba ti bona u kuluma ngokulala ubutongo. **14** Konake uJesu wa se ti kubo ngokucacileyo, ULazaro u file. **15** Ngi ya tokoza ngenxa yenu ukuba be ngi ngeko, ukuze ni kolwe; nokoke a si ye kuye. **16** UTomasi, o tiwa nguDidimu, wa ti ku bafundi aba kanye naye, A si hambe nati, ukuze si fe kanye naye.

17 Kwa ti ke e se fika uJesu, wa m fumana e se nezinsuku ezine e se-tuneni. **18** IBetani la li seduze neJerusalem, ku nga ba amastadiu a ishumi nesihlanu; **19** abaningi baba-Juda ba b'eze ku Marta noMariya, ukuba ba ba kuze ngomne wabo. **20** Ngakoke uMarta, wa ti ukuzwa ukuti uJesu u y'eza, wa ya kumhlangabeza: kepa uMariya wa hlala endhlini. **21** UMarta wa ti ke ku Jesu, Nkosi, uma u bu lapa, umne wetu nga ku be ka fanga. **22** Kepa ngi y'azi na kaloku, ukuba loko o nga hle u ku cele ku Nkulunkulu, uNkulunkulu wo ku nika kona. **23** UJesu wa ti kuye, Umne wenu u za kuvuka. **24** UMarta wa ti kuye, Ngi y'azi ukuti u ya kuvuka ekuvukeni ngomhla wo-kupela. **25** UJesu wa ti kuye, Mina ngi ngukuvuka nokupila: o kolwa yi-mi, noma e fa, wo pila: **26** lowo o pila e kolwa yimi ka soze a fa ku ze ku be nini. U ya kolwa iloku na? **27** Wa ti kuye, Yebo, Nkosi: ngi koliwe ukuti u nguKristu, iNdodana ka Nku-lunkulu, ozayo emhlabeni. **28** Wa ti ukusho loku, w'emuka wa ya, wa biza uMariya udade wabo ngasesita, wa ti, UMfundisi u kona, u ya ku biza. **29** Yenake wa ti ukuzwa loku, wa ti lotu, wa ya kuye. **30** (UJesu wa e nga ka fiki emzini, kodwa wa e se sendaweni lapa uMarta wa m hlanga-beza kona.) **31** Ngakoke abaJuda aba be naye endhlini, be m kuza, be bona uMariya e ti lotu e puma, ba m landela, be ti, u ya etuneni ukuba a kale kona. **32** Wa ti ke uMariya ukuba a fike lapa e kona uJesu, a m bone, wa wa nga sezinyaweni zake, e ti kuye, Nkosi uma u bu lapa, umne wetu nga ku be ka fanga. **33** Ngakoke uJesu wa ti ukumbona e kala, nabaJuda aba fika naye be kala, wa bubula emoyeni, wa kata-zeka, **34** wa ti, Ni m bekepi na? Ba ti kuye, Nkosi, yiza u bone. **35** UJesu wa kala izinyembezi. **36** Nga-koke abaJuda ba ti, A ke ni bheke ukumtanda kwake! **37** Kepa aba-nye kubo ba ti, Lo owa vula amehlo empumpute, wa e ng'enze yini ukuba lo naye a nga fi? **38** Ngakoke uJesu e bubula futi pakati kwake wa fika etuneni. La li ngumhume, kwa ku kona itshe li bekwe pezu kwalo. **39** Wa ti uJesu, Susani itshe. UMarta, udade wabo wofileyo, wa ti kuye, Nkosi, u se nuka; se ku izinsuku ezine. **40** UJesu wa ti kuye, A ngi shongo yini kuwe ukuti, uma u kolwa, u ya kubona ubukosi bu ka Nkulunkulu? **41** Ngakoke ba li susa itshe. UJesu wa s'e pakamisa amehlo, wa ti, Baba, ngi ya ku bonga ngoba u ngi zwile. **42** Be ng'azi ukuti u ya ngi zwa njalo: kodwa ngenxa yesixuku esipahlileyo ngi shilo, ukuze si kolwe ukuti wa ngi tuma. **43** E se ku kulumile loko, wa memeza ngezwi elikulu, wa ti, Lazaro, puma. **44** Wa puma o be file, e boshi-we izinyawo nezandhla ngemizongele-zelo; ubuso bake bu mboziwe ngeduku. UJesu wa ti kubo, M tukululeni, ni m yeke, a hambe.

45 Ngakoke abaningi babaJuda, aba beza ku Mariya be bona a be kwenzile, ba kolwa uye. **46** Kepa abanye babo b'esuka ba ya ku ba-Farisi, ba ba tshela a be kwenzile uJesu.

47 Ngakoke abapristi abakulu na-baFarisi ba se be buta umpakati, ba ti, Senzani na? loku lo muntu wenza izibonakaliso eziningi. **48** Uma si m yeka kanje, bonke ba ya kukolwa uye: amaRoma a ya kufika

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UJesu u gcotshwa uMariya. U ngena eJerusalem ngobukosi.

a s'amuke indawo nesizwe. **49** Kepa o tile wabo, uKayafa, e ngumpristi omkulu nga lowo mnyaka, wa ti kubo, A n'azi luto nina, **50** a ni qondi futi ukuti ku ni lungele ukuba umuntu e munye a fele abantu, ku nga bubi isizwe sonke. **51** Loko ka ku shongo ngokwake nje: kodwa e ngumpristi omkulu wa lowo mnyaka, wa profeta ukuti uJesu wa be za kufa ngenxa yesizwe; **52** ku nge ngenxa yesizwe sodwa, kepa ukuba a butele ndawonye abantwana ba ka Nkulunkulu abahlakazekileyo. **53** Ngakoke ku sukela ku lolo suku b'enza isigungu ukuba ba m bulale.

54 Ngakoke uJesu ka banga e sa hamba obala pakati kwabaJuda kodwa w'emuka lapo wa ya ezweni eli seduze nehlane, emzini o tiwa iEfrayim; wa hlala kona nabafundi bake. **55** La se li seduze ipasika labaJuda: kwa kupukela eJerusalem abaningi be vela ezweni pambi kwepasika, ukuba ba zipotule. **56** Ngakoke ba m funa uJesu, ba kuluma omunye nomunye, be mi etempelini, be ti, Ni tini? Kazi u za kuza nje ku lo mkosi na? **57** Abapristi abakulu nabaFarisi ba be kipe umyalo wokuba uma umuntu e m azi lapa e kona, a ku veze ukuze ba m bambe.

12 Ngakoke uJesu izinsuku ezi isitupa pambi kwepasika wa fika eBetani, lapo kwa ku kona uLazaro, uJesu a m vusa kwabafileyo. **2** Ba m enzela isidhlo kona; uMarta wa e lungisela; kepa uLazaro wa e ngomunye waba be cambalala naye ekudhleni. **3** UMariya ke wa se tabata ipaundi lamafuta enardi lodwa, eli nenani elikulu, wa gcoba izinyawo zi ka Jesu, w'esula izinyawo zake ngezinwele zake: indhlu ya gcwala ipunga lamafuta. **4** Kepa uJudasi Iskariyoti omunye wabafundi bake, o be za kumkapela, wa ti, **5** Yini ukuba lawa mafuta e nga tengiswanga nga osheleni abamakulu amatatu, kwa piwa abampofu? **6** Wa ku sho loko, ku nge ngokuba e katalele abampofu; kodwa yingoba wa e isela, e pata isikwama wa ntshontsha oku fakwa kuso. **7** Ngakoke uJesu wa ti, M yekeni a wa londolozele umhla wokumbelwa kwami. **8** Ngoba abampofu ni loku ni nabo njalo; kepa mina a ni nami njalo.

9 Ngakoke imifunda yabaJuda y'ezwa ukuti u kona: y'eza, ku nge siko ngenxa ka Jesu kupela, kodwa ukuba i bone noLazaro a m vusa kwabafileyo. **10** Kepa abapristi abakulu b'enza isigungu sokuba ba bulale noLazaro; **11** ngokuba ngenxa yake abaningi babaJuda b'emuka, ba kolwa uJesu.

12 Ngangomso isixuku esikulu esi fike emkosini, se si zwile ukuti uJesu u y'eza eJerusalem, **13** sa tabata amahlamvu esundu, sa puma ukumhlangabeza, sa memeza, sa ti, Hozana: U busisiwe ozayo ngegama leNkosi, yebo iNkosi ya kwa Israeli. **14** UJesu, e se fumene imbongolwana, wa kwela kuyo; njengokulotshiweyo ukuti, **15** U ng'esabi, ndodakazi ya seZiyon: bheka, iNkosi yako i za, i kwele etoleni lembongolo. **16** Abafundi bake ab'ezwisisanga loku kuqala: kodwa uJesu e se dunyisiwe, ba se be kumbula ukuti kwa ku lotshiwe loku ngaye, nokuti ba kwenza loku kuye. **17** Ngakoke isixuku esa si naye, lapo e biza uLazaro a pume etuneni, wa m vusa kwabafileyo sa fakaza. **18** Na ngalokoke futi isixuku sa ya sa m hlangabeza, ngoba sa se si zwile ukuti lesi sibonakaliso s'enziwe uye. **19** Ngakoke abaFarisi ba kuluma bodwa ba ti, Ni ya bona ukuba a ni sizi luto; bhekani, umhlaba u mukile wa m landela.

20 Kwa be ku kona amaGreki atile pakati kwabenyukayo ukuba ba kuleke emkosini: **21** lawoke a ya ku Filipu, owa e ngowa seBetesayida la seGalile, a cela kuye, e ti, Nkosi, si tanda ukubona uJesu. **22** UFilipu wa ya wa m tshela uAndreya: kwa se ku ya uAndreya noFilipu ba m tshela uJesu. **23** UJesu wa ba pendula, wa ti, Se si fikile isikati sokuba i dunyiswe iNdodana yomuntu. **24** Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Uma inhlamvu ka kolweni i nga tanga

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Inshumayelo yake yokugcina.

ya wela emhlabatini ya fa, i hlala yodwa; kepa uma i fa, i tela izitelo eziningi. **25** Lowo o tanda ukupila kwake u lahlekelwa yiko; kodwa o zonda ukupila kwake ku lo mhlaba wo ku londela ukupila okumiyo njalo. **26** Uma umuntu e ngi konza, a ka ngi landele; na lapa ngi kona, so ba kona nesikonzi sami: uma umuntu e ngi konza, uBaba u ya kumtusa lowo. **27** Kaloku umpefumlo wami u ya tatazela; ngi za kutini na? Baba, ngi sindise ku lesi sikati. Kodwa ngi ze ngenxa ya loku ku lesi sikati. **28** Baba, dumisa igama lako. Kwa fikake izwi li vela ezulwini, li ti, Ngi li dumisile, ngo buya ngi li dumise. **29** Isixukuke esa si mi kona, sa li zwa, sa ti li ya duma: abanye ba ti, Ingelosi i kulume kuye. **30** UJesu wa pendula wa ti, Leli zwi a li zanga ngenxa yami, li ze ngenxa yenu. **31** Kaloku se ku ukwahlulelwa kwa lo mhlaba: kaloku isikulu sa lo mhlaba se si zo kishwa. **32** Minake, uma ngi pakanyiswa emhlabeni, ngi ya kubadonsela bonke kimi. **33** Kepa wa ku sho loku, e bonisa ukuti ukufa kuni a zo kufa ngako. **34** Isixuku sa m pendulake sa ti, Si zwile emtetweni ukuba uKristu u hlala ku ze ku be nini: u sho kanjani ukuti, iNdodana yomuntu i melwe ukupankanyiswa na? Ingubani le Ndodana yomuntu? **35** Wa ti ke kubo uJesu, Ku se isikashana ukukanya ku kona pakati kwenu. Hambani ni se nokukanya, ukuze ni nga ficwa ubumnyama: o hamba ebumnyameni a k'azi ukuti u ya ngapi. **36** Nxa ni se nokukanya kolwani ukukanya, ukuze ni be amadodana okukanya.

UJesu wa kuluma loku, w'emuka wa sitela kubo. **37** Kepa noma e be enze izibonakaliso ezingaka pambi kwabo, a ba kolwanga uye: **38** ukuba ku gcwaliseke izwi li ka Isaya umprofeti, alikulumayo, lokuti,

> Nkosi, ubani o kolwe imbiko yetu?
> Ingalo yeNkosi yambuliwe ku bani na?

39 Nga loko ba be nge kolwe, loku uIsaya wa sho futi ukuti,

UJohane u buyekeza indaba.

40 U puputekisile amehlo abo, wa tuntubeza inhliziyo yabo;
Funa ba bone ngamehlo, ba qonde ngenhliziyo,
Ba buye,
Ngi ba pulukise.

41 Wa sho loku uIsaya, ngoba e bona ubukosi bake, wa kuluma ngaye. **42** Noko na ku babusi kwa kolwa uye abaningi; kodwa ngenxa yaba-Farisi a ba ku vumanga, funa ba kishwe ebandhleni lesinagoge: **43** ngoba ba tanda udumo olu ngolwa-bantu kunodumo olu ngolu ka Nkulunkulu.

44 UJesu wa memeza wa ti, O kolwa yimi, ka kolwa yimi, u kolwa uye owangitumayo. **45** Ongibonayo u bona owangitumayo. **46** Ngi ze emhlabeni ngi ukukanya, ukuba wonke o kolwa yimi a nga hlali ebumnyameni. **47** Uma umuntu ezwa amazwi ami, e nga wa gcini, a ngi m ahluleli mina: ngoba a ngi zanga ukuba ng'ahlulele umhlaba, ngi ze ukuba ngi sindise umhlaba. **48** Onginqabayo, e nga w'amkeli amazwi ami, u nomahlulelayo: izwi engalikulumayo: ilona eli yo m ahlulela ngomhla wokupela. **49** Ngoba a ngi zikulumelanga ngokwami; kodwa uBaba owangitumayo, nguye o ngi nike umyalo, wokuba ngi za 'utini ngi kulumeni. **50** Ngi y'azi ukuti umyalo wake u ukupila okumiyo njalo; ngakoke loko engikukulumayo, njengaloko uBaba akushoyo kimi ngi kuluma oku njalo.

13 Pambi kwomkosi wepasika, uJesu azi ukuba isikati sake si fikile ukuba a muke ku lo mhlaba a ye ku Yise, e ba tandile abake aba semhlabeni, wa ba tanda kwa za kwa ba sekupeleni. **2** Se ku dhliwa, umhlebi e se ku fakile enhliziyweni ka Judasi Iskariyoti, ka Simon, ukuba a m kapele, **3** uJesu, azi ukuba uYise u nike izinto zonke ezandhleni zake, nokuba wa vela ku Nkulunkulu, u ya ku Nkulunkulu, **4** w'esuka esidhlweni, wa beka izingubo zake, wa tabata indwangu, wa kwica. **5** Wa s'e tela amanzi ocengezini, wa qala ukugeza

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

izinyawo zabafundi, nokuzesula ngendwangu a kwice ngayo. 6 Wa fikake ku Simon Petro. Wa ti kuye, Nkosi, zi gezwe nguwe izinyawo zami na? 7 UJesu wa pendula wa ti kuye, Engikwenzayo a u kwazi kaloku; u ya kukuqonda kamuva. 8 UPetro wa ti kuye, A u soze wa geza izinyawo zami na nini. UJesu wa m pendula wa ti, Uma ngi nga ku gezi, a u na sabelo nami. 9 USimon Petro wa ti kuye, Nkosi, ku nga bi izinyawo zodwa a ku be izandhla futi nekanda. 10 UJesu wa ti kuye, Ogeziweyo ka dingi luto kupela ukugezwa izinyawo, kepa u hlambululekile wonke: ninake ni hlambululekile, kodwa a si nina nonke. 11 Ngoba wa e m azi o be za kumkapela; nga loko wa ti, A ni hlambululekile nonke.

12 E se gezileke izinyawo zabo, wa tabata izingubo zake, wa buya wa hlala, wa ti kubo, Ni ya kwazi engikwenzileyo kini na? 13 Ni ngi biza ni ti, Mfundisi, Nkosi: ni sho kahle; ngokuba ngi njalo. 14 Umake mina, Nkosi noMfundisi, ngi geze izinyawo zenu, ni fanele nani ukugezana izinyawo. 15 Ngoba ngi ni nike isibonelo sokuba n'enze nani njengaloku engi kwenze kini. 16 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Inceku a i nkulu kunenkosi yayo; notunyiweyo ka mkulu kunomtumileyo. 17 Uma n'azi lezi zinto, ni busisiwe uma ni z'enza. 18 A ngi kulumi ngani nonke: ngi ya b'azi engibaketileyo: kodwa ukuba ku gcwaliseke umbhalo o ti, O dhla ukudhla kwami u ngi pakamisele isitende sake. 19 Ku sukela manje ngi ya ni tshela ku nga k'enzeki, ukuba nxa kwenzekile ni kolwe ukuti ngi nguye. 20 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, O wamkela lowo engimtumayo wamkela mina; ongamkelayo wamkela owangitumayo.

21 UJesu e se shilo loku wa katazeka emoyeni, wa fakaza, wa ti, Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, omunye kini u za kungikapela. 22 Abafundi ba bukana, be ngabaza ukuti konje nga u kuluma ngobani. 23 Kepa kwa ku cambalele omunye wabafundi bake encike esifubeni si ka Jesu, owa be tandwa uJesu. 24 Ngakoke uSimon Petro wa s'e m qweba wa ti kuye, Si tshele ukuba u kuluma ngobani. 25 Yena e ncike kanjaloke esifubeni si ka Jesu, wa ti kuye, Nkosi, ubani na? 26 UJesu wa pendulake wa ti, Ngu lowo engi ya kumcwilisela iqata, ngi mi nike lona. E se li cwilisileke iqata, wa li nika uJudasi ka Simon Iskariyoti. 27 Emva kweqata uSatane wa ngena kuye. UJesu wa ti ke kuye, Okwenzayo, u kwenze masinyane. 28 Kepa a kwaziwanga muntu kwaba be cambalele ekudhleni ukuti u sholoni loku kuye. 29 Abanye ba cabanga ba ti yingoba uJudasi e pete isikwama, ukuba uJesu a ti kuye, Tenga izinto esi zi dingela umkosi: mhlaumbe ukuba a nike abampofu uto. 30 E se l'amkele iqata wa puma masinyane: kwa ku sebusuku.

31 Kwa ti ke e se pumile, uJesu wa ti, Kaloku iNdodana yomuntu i ya dunyiswa, noNkulunkulu u dunyiswa kuyo; 32 uNkulunkulu wo yi dumisa kuye, a yi dumise masinyane. 33 Bantwanyana, ku se isikashana ngi nani. Ni ya kungifuna: kepa njengokusho kwami ku baJuda ukuti, Lapa ngi ya kona, ni nge ze; se ngi sho na kinina. 34 Ngi ni nika umyalo omusha wokuba ni tandane; njengaloku ngi ni tandile, ukuba ni tandane nani. 35 Nga le nto bonke ba ya kunazi ukuti ni ngabafundi bami, uma ni notando omunye komunye.

36 USimon Petro wa ti kuye, Nkosi, u ya ngapi na? UJesu wa pendula wa ti, Lapa ngi ya kona, u nge ngi landele kaloku; kodwa ngasemva u ya kulandela. 37 UPetro wa ti kuye, Nkosi, ngi nge ku landele kaloku ngani na? Ngi yo beka pansi ukupila kwami ngenxa yako. 38 UJesu wa pendula wa ti, U yo beka pansi ukupila kwako, ngenxa yami na? Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kuwe, Iqude a li yi kukala, u nga ka ngi piki katatu.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi okuvalelisa. Ummeleli. Umvini o wonawona.

14 Inhliziyo yenu ma i nga tatazeli: kolwani uNkulunkulu, ni kolwe yimi futi. 2 Endhlini ka Baba ku kona izindawo zokuhlala eziningi; uma be ku nge njalo, be ngi ya kunitshela; ngoba ngi ya konilungisela indawo. 3 Uma ngi ya ngi ni lungisele indawo, ngi ya buya, ngi ze ngi n'amukele kimi; ukuba lapa ngi kona, ni be kona nani. 4 Lapa ngi ya kona, ni ya y'azi indhlela. 5 UTomasi wa ti kuye, Nkosi, a s'azi lapa u ya kona; si y'azi ngani indhlela na? 6 UJesu wa ti kuye, Mina ngi indhlela, neqiniso, nokupila: a kako o za ku Baba, uma e ng'ezi ngami. 7 Uma be n'azi mina, be ni ya kumazi noBaba: ku sukela manje ni ya m azi, ni m bonile. 8 UFilipu wa ti kuye, Nkosi, si bonise uYihlo, ku s'anele loko. 9 UJesu wa ti kuye, Se ngi be nani isikati esingaka, a u ng'azi, Filipu, na? ongibonileyo u bone uBaba; u sho kanjani ukuti, Si bonise uYihlo na? 10 A u kolwa ukuti ngi ku Baba, noBaba u kimi na? Amazwi engi wa kuluma kini a ngi zikulumeli ngokwami: kepa uBaba e hlala kimi u y'enza imisebenzi yake. 11 Kolwani yimi ukuti ngi ku Baba, noBaba u kimi: uma ku nge njalo, salani se ni kolwa yimi ngayo imisebenzi. 12 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Lowo o kolwa yimi, imisebenzi engiyenzayo naye wo y'enza; nemikulu kuna le u ya kuyenza; ngokuba ngi ya ku Baba. 13 Na kupi enikucelayo ngegama lami, ngo kwenza ukuba uYise a dunyiswe kuyo iNdodana. 14 Uma ni cela uto egameni lami ngo lwenza. 15 Uma ni ngi tanda, no gcina imiyalo yami. 16 Ngi ya kucela ku Baba, a ni pe omunye umMeleli, wokuba a hlale nani ku ze ku be nini, 17 uMoya weqiniso: o nge m amkele umhlaba, ngokuba u nga m boni, u nga m azi: nina ni ya m azi; ngokuba e hlala nani, wo ba pakati kwenu. 18 A ngi yi kunishiya ni izinkedama: ngi y'eza kini. 19 Ku se isikashana, umhlaba u nga be u sa ngi bona: kodwa ni ya ngi bona nina: ngoba ngi pila, ni ya kupila nani. 20 Nga lolo suku ni ya kwazi ukuba ngi ku Baba, nani ni kimi, nami ngi kini. 21 O nemiyalo yami, a yi gcine, uyena ongitandayo: ongitandayo u ya kutandwa uBaba, nami ngi ya kumtanda, ngi zibonakalise kuye. 22 UJuda (o nge siye uIskariyoti) wa ti kuye, Nkosi, kwenzenjani ukuba u za kuzibonakalisa kitina, u nga zibonakalisi kuwo umhlaba na? 23 UJesu wa pendula wa ti kuye, Uma umuntu e ngi tanda, u ya kugcina izwi lami: uBaba u ya kumtanda, si ze kuye, si hlale naye. 24 Ongangitandiyo ka gcini amazwi ami: nezwi enilizwayo a silo elami; li ngeli ka Baba owangitumayo.

25 Ngi kulumile loku kini, ngi sa hlezi nani. 26 Kepa umMeleli, uMoya oNgcwele, a ya kumtuma uBaba ngegama lami, u ya kunifundisa konke, a ni kumbuze konke engikushiloyo kini. 27 Ngi shiya ukutula kini; ukutula kwami ngi ni nika kona: a ngi ni niki njengokunika kwomhlaba. Inhliziyo yenu ma i nga tatazeli, i nga bi na luvalo. 28 N'ezwa ukusho kwami kini ukuti, Ngi y'emuka, kepa ngi y'eza kini. Uma be ni ngi tanda, be ni ya kutokoza, ngokuba ngi ya ku Baba: loku uBaba mkulu kunami. 29 Se ngi ni tshelileke ku nga k'enzeki, ukuba ni kolwe, se kwenzekile. 30 A ngi se z'ukukuluma okuningi nani, ngoba isikulu somhlaba si y'eza: kepa a si na luto kimi; 31 kodwa ukuze wazi umhlaba ukuba ngi ya tanda uBaba, na njengaloku uBaba a ngi nika umyalo, ng'enze njalo. Sukani, si hambe lapa.

15 Mina ngi ngumvini owonawona, uBaba ngumlimi. 2 Amagatsha onke a kimi a nga teli izitelo, u ya wa susa: onke a tela izitelo, u ya wa tena, ukuba a tele ngokungapezulu. 3 Nina se ni ngateniweyo ngezwi engi li kulume kini. 4 Hlalani kimi, nami kini. Njengaloku igatsha li nge tele izitelo ngokwalo, kupela uma li hlala emvinini; ku njalo nani ngeke, kupela uma ni hlala kimi. 5 Mina ngi ngumvini, nina ni ngamagatsha: o hlala kimi, nami kuye, lowo u tela izitelo eziningi: ngoba ngapa-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ndhle kwami ni ng'enze luto. 6 Uma umuntu e nga hlali kimi, u lahlwa ngapandhle njengegatsha, a bune; ku butwa wona, a ponswe emlilweni, a shiswe. 7 Uma ni hlala kimi, namazwi ami e hlala kini, celani enikutandayo, no kwenzelwa. 8 UBaba u dunyiswa nga loku, kokuba ni tele izitelo eziningi; ni ya kuba abafundi bamike. 9 Njengaloku uBaba e ngi tandile, nami ngi ni tandile: hlalani otandweni lwami. 10 Uma ni gcina imiyalo yami, no hlala otandweni lwami: njengaloku ngi gcine imiyalo ka Baba, ngi hlala otandweni lwake. 11 Ngi kulume loku kini, ukuba ukutokoza kwami ku be kini, nokutokoza kwenu ku gcwale. 12 Yilo umyalo wami, wokuba ni tandane, njengaloku ngi ni tandile. 13 A kako o notando olukulu kuna lolu, lokuba umuntu a beke pansi ukupila kwake ngenxa yezihlobo zake. 14 Ni izihlobo zami, uma n'enza loko engi ni yala ngako. 15 A ngi sa sho ukuti ni izinceku; ngoba inceku a i kwazi okwenziwa inkosi yayo: kepa ngi te ni izihlobo; ngokuba ngi n'azisile konke engi ku zwile ku Baba. 16 Nina a ni ngi ketanga, kodwa mina nga ni keta, nga ni misa, ukuba ni hambe ni tele izitelo, nezitelo zenu zi hlale: ukuba na kupi eni ku cela ku Baba ngegama lami, a ni nike kona. 17 Loku ngi ni yalela kona, ukuze ni tandane. 18 Uma umhlaba u ni zonda, ni y'azi ukuti u qale wa zonda mina ngapambi kwenu. 19 Uma be ni ngabomhlaba, umhlaba u bu ya kutanda okwawo: kepa loku ni nge ngabomhlaba, kodwa nga ni keta kuwo umhlaba, ngalokoke umhlaba u ya ni zonda. 20 Kumbulani izwi enga li sho kini lokuti, Inceku a i nkulu kunenkosi yayo. Uma be ngi zingele mina, ba ya kunizingela nani: uma be gcine izwi lami, ba ya kugcina nelenu. 21 Kodwa ba ya kwenza konke loku kini ngenxa yegama lami, ngokuba be nga m azi owangitumayo. 22 Uma be ngi nga fikile, nga kuluma kubo, nga ku be a ba na sono: kepa kaloku a ba na zaba ngokwona kwabo. 23 Ongizondayo u zonda noBaba. 24 Uma be ngi ng'enzile pakati kwabo imisebenzi e ng'enziwanga umuntu mumbe nga ku be a ba na sono: kepa kaloku ba bonile ba zonda mina noBaba. 25 Kodwa ku njalo, ukuba ku gcwaliseke izwi elilotshiweyo emtetweni wa kubo, lokuti, Ba ngi zonda ngeze. 26 Kepa nxa e se fikile umMeleli, engi ya kumtumela kini e vela ku Baba, uMoya weqiniso, o puma ku Baba, uyena o ya kufakaza ngami: 27 nani ni ya fakaza, ngokuba be ni nami kwa sekuqaleni.

16 Loku ngi ku kulume kini, ukuze ni nga kubekiswa. 2 Ba ya kunikipa emabandhleni amasinagoge: yebo, si y'eza isikati sokuba wonke onibulalayo a ti u yisa okwenkonzo ku Nkulunkulu. 3 Ba ya kukwenza loku, ngokuba be nga m azanga uBaba nami. 4 Kodwa lezi zinto ngi zi kulume kini, ukuze si ti si fika isikati sazo, ni zi kumbule ukuti nga ni tshela. Kepa a ngi ni tshelanga lezi zinto kwa sekuqaleni, ngokuba be ngi nani. 5 Kepa kaloku ngi ya kowangitumayo; a kako kinina ongibuzayo ukuti, U ya ngapi na? 6 Kepa ngokuba ngi kulume loku kini, izinhliziyo zenu zi gcwele usizi. 7 Nokoke ngi ni tshela iqiniso: Ku ni lungele ukuba ngi muke; ngoba uma ngi ng'emuki, umMeleli ka yi kuza kini; kepa uma ngi hamba, ngi ya kumtumela kinina. 8 E se fikile yena, u ya kulahla umhlaba mayelana nokwona, nokulunga, nokwahlulela: 9 ngokwona, ngokuba be nga kolwa yimi; 10 ngokulunga, ngokuba ngi ya ku Baba, ni nga be ni sa ngi bona; 11 ngokwahlulela, ngokuba isikulu sa lo mhlaba s'ahlulelwe. 12 Ngi se nokuningi okokusho kini, kodwa ni nge ku twale manje. 13 Kepa nxa e se fikile lowo, uMoya weqiniso, wo ni holela eqinisweni lonke: ngoba ka yi kuzikulumela ngokwake; kodwa loko akuzwayo, yiloko a ya kukukuluma: a ni bikele loko okuzayo. 14 Yena u ya kungidumisa: loku u ya kutata okwami, a ni bikele kona. 15 Konke uBaba a nako, ku ngokwami: yingaloku ngi te,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

u tata okwami, a zo ni bikela kona. 16 Ku za kuba isikashana, ni nga be ni sa ngi bona: ku buye ku be isikashana, ni ngi bone. 17 Ngakoke abanye babafundi bake ba ti omunye komunye, Ku yini loku akushoyo kiti ukuti, Ku za kuba isikashana, be se ni nga ngi boni; ku buye ku be isikashana, ni ngi bone na: nokuti, Ngokuba ngi ya ku Baba na? 18 Ba ti ke, Ku yini loku akushoyo ukuti, Isikashana? A s'azi ukuba u tini. 19 UJesu w'azi ukuba ba be tanda ukumbuza, wa ti kubo, Ni ya buzana yini nga loku kokuba ngi te, Ku za kuba isikashana, be se ni nga ngi boni, ku buye ku be isikashana, ni ngi bone na? 20 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, ni ya kukala ni lilisele, kepa umhlaba u ya kutokoza: ni ya kuba nosizi, kodwa usizi lwenu lu ya kupenduka ukutokoza. 21 Owesifazana nxa e sa beleta u nosizi, ngoba ku fike isikati sake: kepa nxa e se zele umntwana, a ka be e sa kumbula ubuhlungu, ngenxa yentokozo yokuba ku zelwe umuntu emhlabeni. 22 Nanike kaloku ni nosizi: kepa ngi ya kubuya ngi ni bone, inhliziyo yenu i tokoze, intokozo yenu a kako o n'amuka yona. 23 Nga lolo suku a ni yi kubuza luto kimi. Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kini, Inxa ni cela uto ku Baba wo ni nika lona egameni lami. 24 Ku ze ku be manje a ni celanga luto egameni lami: celani, ni ya kwamkeliswa, ukuze intokozo yenu i gcwaliswe.

25 Ngi kulume loku kini ngemilinganiso: isikati si y'eza, lapo ngi nga sa yi kukuluma kini ngemilinganiso, kodwa ngi ya kunitshela ngoBaba ngokucacileyo. 26 Nga lolo suku ni ya kucela egameni lami: a ngi sho kini ukuti, ngi ya kunikulekela ku Baba; 27 ngoba uBaba uqobo u ya ni tanda, loku ni ngi tandile, na kolwa ukuba nga puma ku Baba. 28 Nga puma ku Baba, ng'eza emhlabeni: ngi buya ngi shiye umhlaba, ngi ye ku Baba. 29 Abafundi bake ba ti, Bheka, kaloku u kuluma ngokucacileyo, a u sa kulumi mlinganiso. 30 Kaloku si y'azi ukuba w'azi konke, a u dingi ukuba umuntu a ku buze: nga loku si ya kolwa ukuba wa puma ku Nkulunkulu. 31 UJesu wa ba pendula wa ti, Se ni kolwa manje na? 32 Bhekani, isikati si y'eza, yebo, se si fikile, sokuba ni hlakazeke, ilowo a ye kokwake, ni ngi shiye ngedwa: noko a ngi ngedwa, loku uBaba u nami. 33 Lezi zinto ngi zi kulume kini, ukuba ni be nokutula kimi. Emhlabeni ni ya kuba nokukatazeka: kepa yimani isibindi; ngi wu nqobile umhlaba.

17 UJesu wa kuluma loku; wa pakamisa amehlo ake wa bheka ezulwini, wa ti, Baba, isikati si fikile; dumisa iNdodana yako ukuze indodana i ku dumise: 2 njengaloku u yi nike amandhla pezu kwenyama yonke, ukuba bonke o yi nike bona, i ba nike ukupila okumiyo njalo. 3 Ukupila okumiyo njalo iloku, kokuba ba kwazi wena Nkulunkulu wedwa oyenayena, naye owamtumayo uJesu Kristu. 4 Ngi ku dumisile emhlabeni, loku ngi feze umsebenzi o ngi nike wona ukuba ngi w'enze. 5 Manjeke, Baba, ma u ngi dumise wena kuwe ngodumo e be ngi nalo ngi kuwe umhlaba u nga ka biko. 6 Ngi bonakalise igama lako ku bantu o ngi nike bona kwaba semhlabeni; be be abako, wa ngi nika bona; ba gcinile izwi lako. 7 Ba y'azi kaloku ukuba konke o ngi nike kona ku vele kuwe: 8 ngokuba amazwi o ngi nike wona ngi wa nike bona; ba w'amkela, b'azi isibili ukuba nga puma kuwe, ba kolwa ukuti wa ngi tuma. 9 Ngi ya ba kulekela bona: a ngi kulekeli umhlaba, ngi kulekela labo o ngi nike bona; ngoba be ngabako: 10 konke oku ngokwami ku ngokwako, noku ngokwako ku ngokwami: ngi dunyiswe kubo. 11 A ngi seko emhlabeni mina, labake ba semhlabeni, mina ngi za kuwe. Baba oNgcwele, ba gcine egameni lako labo o ngi nike bona, ukuze ba be munye njengati. 12 Lapo be ngi nabo, nga ba gcina egameni lako labo o ngi nike bona; nga ba linda, a kwa buba na munye kubo, kupela indodana yokubujiswa; ukuba ku gcwaliseke umbha-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lo. 13 Se ngi za kuwe kaloku; ngi kuluma loku emhlabeni, ukuze ba be nokutokoza kwami ku gcwale kubo. 14 Ngi ba nike izwi lako; umhlaba wa ba zonda, ngokuba be nge sibo abomhlaba, njengaloku nami a ngi siye owomhlaba. 15 A ngi kulekeli ukuba u ba suse emhlabeni, ngi kulekela ukuba u ba gcine komubi. 16 A ba sibo abomhlaba, njengaloku nami a ngi siye owomhlaba. 17 Ba ngcwelise ngeqiniso: izwi lako li iqiniso. 18 Njengaloku wa ngi tumela emhlabeni, nami ngi ba tumele emhlabeni. 19 Ngi ya zingcwelisa ngenxa yabo, ukuba ba ngcweliswe nabo ngeqiniso. 20 A ngi kulekeli laba bodwa, ngi kulekela nabo aba kolwa yimi ngezwi labo; 21 ukuze bonke ba be munye; njengaloku wena, Baba, u kimi, nami ngi kuwe, ukuze nabo ba be kitina; ukuze umhlaba u kolwe ukuba wa ngi tuma. 22 Udumo o ngi nike lona ngi lu nike bona; ukuze ba be munye, njengaloku tina si munye; 23 mina ku bona, wena kimina, ukuze ba peleliselwe emuntwini munye; ukuze umhlaba w'azi ukuba wa ngi tuma, nokuba wa ba tanda, njengaloku wa ngi tanda. 24 Baba, ngi ya tanda ukuba labo o ngi nike bona nabo ba be kona nami lapa ngi kona, ukuze ba bone udumo lwami, o ngi nike lona: ngoba wa ngi tanda u nga ka sekelwa umhlaba. 25 O, Baba olungileyo, umhlaba a u kwazanga wena, kodwa mina nga kwazi; na laba b'azi ukuba wa ngi tuma; 26 ngi b'azisile igama lako, ngi se za kub'azisa, ukuba utando o ngi tande ngalo lu be kubo, nami ngi be kubo.

18 UJesu e se kulume lawa mazwi, wa puma kanye nabafundi bake wa ya pesheya kwesifufuyana iKedron, lapa kwa ku kona insimu, a ngena kuyo nabafundi bake. 2 UJudasi naye owamkapelayo wa e y'azi leyo ndawo: ngoba uJesu wa e de e butana kona futifuti nabafundi bake. 3 UJudasi e se tolileke idhlanzi lamabuto namapolisa ku bapristi abakulu nabaFarisi, wa ya lapo, nezihlanti nezibani nezikali. 4 Ngakoke uJesu e kwazi konke oku za kumehlela, wa puma, wa ti kubo, Ni fun 'ubani na? 5 Ba m pendula ba ti, UJesu wa seNazareta. UJesu wa ti kubo, Imina. UJudasi naye owamkapelayo, wa emi nabo. 6 Kwat'ubake a sho kubo ukuti, Imina, ba hlehla nyovane, ba wa pansi. 7 Wa buya wa ba buzake wa ti, Ni fun'ubani na? Ba ti, UJesu wa seNazareta. 8 UJesu wa pendula wa ti, Ngi ni tshelile nga ti Imina; umake ni funa mina, ba yekeni laba ba hambe: 9 ukuba ku gcwaliseke izwi alishoyo ukuti, Ku labo o ngi nike bona a ngi lahlekelwanga na munye. 10 USimon Petro e nenkemba wa yi hosha, wa galela inceku yompristi omkulu, wa yi nquma indhlebe yokunene. Igama lenceku nguMalkosi. 11 Ngakoke uJesu wa ti ku Petro, Faka inkemba esikwameni sayo: indebe uBaba a ngi nike yona, a ngi yi kuyipuza na?

12 Njaloke idhlanzi lamabuto nenduna yenkulungwane, namapolisa abaJuda, ba se be m bamba uJesu ba m bopa, 13 ba qala ba m yisa ku Anasi ngokuba e ngumkwe ka Kayafa, owa e ngumpristi omkulu nga lowo mnyaka. 14 UKayafa wa e ngulowo owa luleka abaJuda, ngokuti ku ba lungele ukuba umuntu e munye a fele abantu.

15 USimon Petro wa landela uJesu, nomunye umfundi. Lowo mfundi w'aziwa umpristi omkulu, wa ngena noJesu egcekeni lendhlu yompristi omkulu: 16 kepa uPetro wa emi esangweni ngapandhle. Wa pumake lowo mfundi omunye, ow'aziwa umpristi omkulu, wa kuluma ku mlindikazi wesango, wa ngenisa uPetro. 17 Intombazanake e linda isango ya se i ti ku Petro, Nawe u ngowabafundi ba lo muntu na? Wa ti yena, A ngi siye. 18 Kwa ku mi kona izinceku namapolisa, be base umlilo wamalahle: ngoba kwa ku makaza; b'ota: noPetro wa e nabo, emi, ota.

19 Umpristi omkulu wa buzake ku Jesu ngabafundi bake, na ngemfundiso yake. 20 UJesu wa m pe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ndula wa ti, Ngi kulume obala kuwo umhlaba; nga ngi loku ngi fundisa emasinagogeni, na setempelini, lapa abaJuda bonke ba hlangana kona; esita a ngi kulumanga luto. **21** U buzelani kimi na? buza ku labo abezwileyo enga ku kuluma kubo: bheka, laba ba ya kwazi engakushoyo. **22** Se e shilo loku, elinye lamapolisa eli mi kona la mukula uJesu, li ti, U pendula umpristi omkulu kanjalo na? **23** Wa li pendula uJesu, wa ti, Uma ngi kulume okubi, fakaza ngalobo bubi: kepa uma ngi kulume okuhle, u ngi shayelani na? **24** Ngakoke UAnasi wa m tumela e boshiwe ku Kayafa umpristi omkulu.

25 Kepake uSimon Petro wa be emi ota. Ba ti ke kuye, Nawe u ngomunye wabafundi bake na? Wa pika yena, wa ti, A ngi siye. **26** Enye yezinceku zompristi omkulu, i ngezalana na lowo owa nqunywa indhlebe uPetro, ya ti, A ngi ku bonanga yini u naye ensimini na? **27** Wa buya wa pikake uPetro: iqude la se li kala masinyane.

28 Ba se be kipa uJesu ku Kayafa, ba m yisa ePretorio: kwa ku isekuseni; bona a ba ngenanga ePretorio, ukuba ba nga ngcoliswa, kodwa ukuba ba dhle ipasika. **29** Ngakoke uPilatu wa pumela kubo, wa ti, Ni beke cala lini ku lo muntu na? **30** Ba pendula ba ti kuye, Uma e be nge siye owenza okubi lo muntu, nga si nga m letanga kuwe. **31** UPilatu wa ti kubo, M tabatenike nina, ni m ahlulele ngomteto wa kini. Ba ti abaJuda kuye, A ku vumekile kitina ukubulala umuntu: **32** ukuba ku gcwaliseke izwi li ka Jesu, alikulumayo, e bonisa ukuti ukufa kuni a zo kufa ngako.

33 UPilatu wa buya wa ngena ePretorio, wa biza uJesu, wa ti kuye, Wena u yiNkosi yabaJuda na? **34** UJesu wa pendula wa ti, U zisholo loku wena, kuko u ku tshelwe abanye ngami na? **35** UPilatu wa pendula wa ti, Ngi ngumJuda yini? Isizwe sa kini nabapristi abakulu ba ku lete kimi: wenzeni na? **36** UJesu wa pendula wa ti, Umbuso wami a siwo wa lo mhlaba: uma umbuso wami u bu ngowa lo mhlaba, izikonzi zami be zi ya kulwa, ukuze ngi nga kashelwa ku baJuda: kepa kaloku umbuso wami a siwo owa lapa. **37** UPilatu wa ti ke kuye, Kantike u inkosi na? UJesu wa pendula wa ti, U sho kona, ukuti, ngi inkosi. Nga zalelwa loku, ng'ezela loku emhlabeni, ukuba ngi fakazele iqiniso. Wonke ongoweqiniso u y'ezwa izwi lami. **38** UPilatu wa ti kuye, Li yini iqiniso?

Se e shilo loku, wa buya wa pumela ku baJuda, wa ti kubo, A ngi fumani cala kuye. **39** Kepa ni nomkuba wokuba ngi ni kululele omunye ngepasika: ni ya tanda ukuba ngi ni kululele iNkosi yabaJuda na? **40** Ba buya ba bangalasa bonke, be ti, Qa, lo muntu, ma ku be uBaraba. Inganti uBaraba wa e isigcwelegcwele.

19 UPilatuke wa se e tabata uJesu, wa m baxabula. **2** Amabuto aluka umqele wameva, a wu faka ekanda lake, a m ambatisa ingubo e bubende; **3** a ya kuye a ti, Bayete, Nkosi yabaJuda! a m mukula. **4** UPilatu wa buya wa puma, wa ti kubo, Bhekani, ngi m kipela kini, ukuze n'azi ukuba a ngi fumani neli lodwa icala kuye. **5** UJesu wa pumake, e gqoke umqele wameva nengubo e bubende. Wa ti kubo uPilatu, Nangu lo muntu! **6** Ngakoke abapristi abakulu namapolisa ba t'ukumbona, ba bangalasa, ba ti, M betele, m betele! UPilatu wa ti kubo, M tabateni nina, ni m betele: a ngi fumani cala kuye. **7** Ba m pendula abaJuda ba ti, Si nomteto tina, ngomteto lowo u fanele ukufa, ngokuba wa z'enza iNdodana ka Nkulunkulu. **8** Wa ti uPilatu ukuzwa leli zwi, kwa ima esaba kakuku; **9** wa buya wa ngena ePretorio, wa ti ku Jesu, U ngowapi na? Kepa uJesu ka m pendulanga. **10** UPilatu wa ti ke kuye, A u kulumi kimi na? a wazi yini ukuti ngi namandhla okukukulula, ngi namandhla okukubetela? **11** UJesu wa m pendula wa ti, U bu nge be namandhla nakanye kimi, uma u nga wa piwe e vela pezulu: ngako

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

o ngi kapele kuwe u nesono esona si sikulu. 12 Ku sukela ku lokoke uPilatu wa funa ukumkulula: kepa abaJuda ba memeza, be ti, Uma u kulula lo muntu, a u siso isihlobo si ka Kesari: wonke o z'enza inkosi u pika uKesari. 13 Wa ti ke uPilatu ukuzwa lawa mazwi, wa m kipa uJesu, wa hlala esihlalweni sokwahlulela endaweni e bizwa ngokutiwa Umgandayo wamatshe, kepa ngokwesiHeberu, iGabata. 14 Kwa ku usukuke lokulungisela ipasika: kwa kungati ihora lesitupa. Wa ti ku baJuda, Nanso iNkosi yenu! 15 Ngakoke ba bangalasa, be ti, Susa, susa, m betele! UPilatu wa ti kubo, Ngi betele iNkosi yenu na? Abapristi abakulu ba pendula ba ti, A si na nkosi uKesari kupela. 16 Wa se m kapelake kubo ukuba a betelwe.

17 Ngakoke ba tabata uJesu; wa puma e zitwalele isipambano sake, wa ya endaweni e tiwa Indawo yenhloko, e tiwa ngesiHeberu iGolgota: 18 lapa ba m betela kona, nabanye ababili kanye naye, ngalapa na ngalapa, uJesu e pakati. 19 UPilatu wa loba nencwadi, wa yi beka esipambanweni. Kwa lotshwa ukuti, UJESU WA SENAZARETA, INKOSI YABAJUDA. 20 Ngakoke leyo ncwadi abaningi abaJuda ba yi funda, ngoba ya i seduze nomuzi indawo, lapo uJesu wa betelwa kona; kwa lotshwa ngesiHeberu, na ngesiLatini, na ngesiGreki. 21 Abapristi abakulu babaJuda ba ti ke ku Pilatu, Musa ukuloba ukuti, INkosi yabaJuda; kepa loba ukuti, wa ti yena, Ngi iNkosi yabaJuda. 22 UPilatu wa pendula wa ti, Engikulobileyo ngi ku lobile.

23 A ti amabuto e se m betele uJesu, a tabata izingubo zake a z'enza izabelo ezine, kwa ba ilelo'buto la ba nesabelo; nebantshi futi: kodwa ibantshi la li nge na mtungo, la l'alukwe lonke ku sukela pezulu. 24 Ngakoke a ti elinye kwelinye, A si nga li hxebuli, kepa a si l'enzele inkato yokuti li ya kuba eli ka bani: ukuba ku gcwaliseke umbhalo, o ti,

B'abelana izingubo zami,
B'enzelana inkato ngezambato zami.

25 Enza lokoke amabuto. Kepa kwa ku mi nga sesipambanweni si ka Jesu unina, nodade wabo ka nina, uMariya umka Klopa, noMariya Magdalene. 26 Ngakoke uJesu e bona unina, nomfundi amtandayo bemi kona, wa ti ku nina, Mame, nanso indodana yako! 27 Wa be se ti ku mfundi, Nango unyoko! Ku sukela ku leso sikati lo mfundi wa se e m tabata wa m yisa ekaya lake.

28 Emva kwa loku uJesu, azi ukuba konke se ku pelile, ukuze ku fezeke umbhalo, wa ti, Ng'omile. 29 Kwa ku misiwe kona isitsha si gcwele uviniga: ngakoke ba coma pezu kwehisopi ilula li gcwele uviniga, ba li yisa emlonyeni wake. 30 Kwat'uba uJesu amkele uviniga wa ti, Ku pelile: wa s'e gebisa ikanda, wa yeka umoya wake.

31 Ngakoke abaJuda, loku kwa ku ngusuku lokulungisela, ukuze izidumbu zi nga hlali esipambanweni ngesabata (ngoba lwa lu lukulu usuku lwa lelo sabata), ba cela ku Pilatu ukuba kwapulwe imilenze yabo, ba suswe. 32 Amabuto a fikake apula imilenze yowokuqala, neyomunye o be betelwe naye: 33 kepa a ti ukufika ku Jesu, a bona ukuti u se file, k'apulanga imilenze yake: 34 noko elinye lamabuto la m gwaza ohlangotini ngomkonto, kwa se ku puma igazi namanzi. 35 Obonileyo u fakazile, ubufakazi bake bu qinisile: u y'azi ukuba u sho iqiniso, ukuze nani ni kolwe. 36 Ngoba loku kw'enzeka ukuba ku gcwaliseke umbhalo, o ti, A ku yi kupohlozwa tambo lake. 37 Futi omunye umbhalo u ti, Ba ya kumbheka abambokodileyo.

38 Emva kwa loku uJosefa wa seArimatiya, e ngumfundi ka Jesu, kepa e ku fihla ngokwesaba abaJuda, wa cela ku Pilatu ukuba a suse isidumbu si ka Jesu: uPilatu wa vumake. Wa fikake, wa susa isidumbu sake. 39 Kwa fika futi noNikodemu, ow'eza kuye kuqala ebusuku, e leta ixube lemure nenhlaba, kungati amapaundi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

a ikulu. 40 Ngakoke ba tabata isidumbu si ka Jesu, ba si songa ngezindwangu zelineni kanye namaka, njengaloku u njalo umkuba wabaJuda wokumbela. 41 Ku leyo ndawoke lapa wa betelwa kona kwa ku kona insimu; ensimini kwa ku kona ituna elisha okwa ku nga ka ze ku bekwe muntu kulo. 42 Ba m beka lapoke uJesu, ngenxa yosuku lokulungisela lwabaJuda (ngokuba ituna li seduze).

20 Kwa ti ngosuku lokuqala lwesonto uMariya Magdalene wa fika etuneni ekuseni, ku se mnyama, wa bona itshe li susiwe etuneni. 2 Wa s'e gijima, wa ya ku Simon Petro, na ku lowo mfundi omunye owa be tandwa uJesu, wa ti kubo, Ba susile iNkosi etuneni, a s'azi lapa be yi beke kona. 3 Ngakoke uPetro wa puma, nomunye umfundi, ba ya nga setuneni. 4 Ba gijima bobabili kanyekanye: omunye umfundi wa gijima ngejubane kunoPetro, wa fika kuqala etuneni; 5 wa fola wa lunguza, wa bona izindwangu zelineni zi kona; a ka ze a ngena kodwa. 6 USimon Petro wa fikake naye, e m landela, wa ngena etuneni, wa bona izindwangu zelineni zi kona, 7 neduku, e be li sekanda lake, li nge ndawonye nezindwangu zelineni, kepa li songwe lodwa kwenye indawo. 8 Wa s'e ngenake na lo mfundi omunye, o fike kuqala etuneni, wa bona, wa kolwa. 9 Ngoba ba be nga ka w'azi umbhalo wokuti u be melwe ukuvuka kwabafileyo. 10 Njaloke abafundi b'emuka ba pindela kubo.

11 Kepa uMariya wa emi etuneni ngapandhle e kala: e sa kala, wa fola wa lunguza etuneni; 12 wa bona izingelosi ezimbili z'embete ezimhlope, zi hlezi, enye nga sekanda, nenye nga sezinyaweni, lapa isidumbu si ka Jesu be si lele kona. 13 Zona za ti kuye, E, mame, u kalelani na? Wa ti kuzo, Ngokuba ba susile iNkosi yami, a ng'azi lapa be yi beke kona. 14 Se e shilo loku, wa pendukela emva, wa bona uJesu e mi, e ng'azi ukuti nguJesu. 15 UJesu wa ti kuye, E, mame, u kalelani na? u fun'ubani? Yena, e ti ingabe umpati wensimu, wa ti kuye, Nkosi, uma e tutwe uwe, ngi tshele lapa u m beke kona, ngi ye ngi m suse. 16 UJesu wa ti kuye, Mariya. Wa penduka, wa ti kuye ngesiHeberu, Raboni: oku ukuti, Mfundisi. 17 UJesu wa ti kuye, U nga ngi namati; ngoba a ngi k'enyukeli ku Baba: kepa hamba u ye ku bazalwane bami, u ti kubo, Ngi s'enyukela ku Baba wami, uYihlo wenu, ku Nkulunkulu wami, uNkulunkulu wenu. 18 UMariya Magdalene wa fika wa tshela abafundi, wa ti, Ngi yi bonile iNkosi; nokuba i sho loku kuye.

19 Ku te ke kusihlwa, nga lolo suku, olokuqala lwesonto, iminyango i valiwe lapa abafundi be kona, ngokwesaba abaJuda, uJesu wa fika w'ema pakati, wa ti kubo, Ukutula a ku be kinina. 20 Se e shilo loku, wa ba bonisa izandhla nohlangoti lwake. Abafundi ba tokozake, be bona iNkosi. 21 Ngakoke uJesu wa buya wa ti kubo, Ukutula a ku be kinina: njengaloku uBaba u ngi tumile, kunjalo nami ngi ya ni tuma. 22 Se e shilo loku, wa ba pefumulela ngomoya, wa ti kubo, Yamkelani uMoya oNgcwele: 23 aba zono zabo ni zi tetelela, ba tetelelwa zona; na labo enizibambayo ezabo, zi banjiwe.

24 Kepa uTomasi, omunye waba ishumi nambili, o tiwa uDidimu, wa e ngeko kubo ekufikeni ku ka Jesu. 25 Ngakoke abanye abafundi ba ti kuye, Si yi bonile iNkosi. Kepa wa ti kubo, Uma ngi nga boni ezandhleni zayo amanxeba ezipikili, ngi fake umunwe wami enxebeni lezipikili, ngi fake isandhla sami ohlangotini lwayo, ngeke nga kolwa.

26 Emva kwezinsuku ezi isishiyangalombili abafundi bake ba be kona pakati futi, uTomasi e nabo. Wa fika uJesu, iminyango i valiwe, w'ema pakati, wa ti, Ukutula a ku be kinina. 27 Wa se ti ku Tomasi, Zisa lapa umunwe wako, u bone izandhla zami; zisa isandhla sako, u si fake ohlangotini lwami: u nga bi ongakolwayo, yiba okolwayo. 28 UTomasi wa pendula wa ti kuye,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Nkosi yami, Nkulunkulu wami. 29 UJesu wa ti kuye, U koliwe, ngokuba u ngi bonile: ba busisiwe labo aba nga bonanga, ba kolwa noko.

30 Izibonakalisoke eziningi ezinye uJesu wa z'enza emehlweni abafundi bake, ezi nga lotshiwe ku le ncwadi: 31 kodwa lezi zi lotshiwe, ukuze ni kolwe ukuti uJesu u nguKristu, iNdodana ka Nkulunkulu; nokuze ni ti ni kolwa ni be nokupila ngegama lake.

21 Emva kwa loku uJesu wa buya wa zibonakalisa ku bafundi elwandhle lwa seTiberiya; wa zibonakalisa kanje. 2 Kwa ku kona ndawonye uSimon Petro, no Tomasi o tiwa uDidimu, noNataneli wa seKana la seGalile, naba ka Zebedi, nabanye babafundi bake be babili. 3 USimon Petro wa ti kubo, Ngi ya kodoba. Ba ti kuye, Nati si za kuhamba nawe. Ba se be pumake ba ngena esikebheni; nga lobo busuku a ba bambanga luto. 4 Kepa se ku sa, uJesu w'ema ogwini: kantike abafundi ba be ng'azi ukuti nguJesu. 5 UJesu wa ti ke kubo, Bantwana, a ni bambanga luto lokudhliwa na? Ba m pendula ba ti, Qa. 6 Wa se ti kubo, Ponsani ineta nga sohlangotini lokunene lwesikebhe, ni ya kufumana. Ba se be ponsake, a ba be be sa ba namandhla okulidonsa ngenxa yensada yezinhlanzi. 7 Ngakoke lowo mfundi owa be tandwa uJesu wa ti ku Petro, YiNkosi. Wa ti uSimon Petro ukuzwake ukuti yiNkosi, wa binca ibantshi lake (ngoba wa be eze), wa ziponsa elwandhle. 8 Kepa abanye abafundi b'eza ngesikebhana (ngoba ba be nge kude nomhlabati, kungati izingalo ezi makulu mabili), be hudula ineta li nezinhlanzi. 9 Bat'uba ba pumele emhlabatini, ba bona umlilo wamalahle u kona, nezinhlanzi zi bekwe kuwo, nesinkwa. 10 UJesu wa ti kubo, Letani izinhlanzi kweni zi bambe manje. 11 Ngakoke uSimon Petro wa kwela esikebheni, wa donsela ineta emhlabatini, li gcwele izinhlanzi ezinkulu, zi ikulu namashumi amahlanu nantatu: na pezu kwokuba zi ngaka ineta a li hxebukanga. 12 UJesu wa ti kubo, Wozani ni hlukuhle. Kepa a kwa bako namunye ku bafundi owa ba nesibindi sokumbuza ngokuti, U ngubani wena na? b'azi ukuba iyo iNkosi. 13 Wa yake uJesu, wa tabata isinkwa, wa ba pa, nezinhlanzi futi. 14 Loku se ku ngokwesitatu uJesu e bonakaliswa ku bafundi, e se vukile kwabafileyo.

15 Ngakoke se be hlukuhlile, UJesu wa ti ku Simon Petro, Simon ka Johane, u ya ngi tanda kuna laba na? wa ti kuye, Yebo, Nkosi; u y'azi ukuti ngi ya ku tanda. Wa ti kuye, Hxabisa izimvana zami. 16 Wa buya wa ti kuye ngokwesibili, Simon ka Johane, u ya ngi tanda na? Wa ti kuye, Yebo, Nkosi; u y'azi ukuti ngi ya ku tanda. Wa ti kuye, Yalusa izimvu zami. 17 Wa ti kuye ngokwesitatu, Simon ka Johane, u ya ngi tanda na? UPetro wa dabuka ngokuba wa ti kuye ngokwesitatu, U ya ngi tanda na? Wa ti kuye, Nkosi, u ya kwazi konke; u ya qonda ukuti ngi ya ku tanda. UJesu wa ti kuye, Hxabisa izimvu zami. 18 Ngi qinisile, ngi qinisile, ngi ti kuwe, U se musha, wa u binca, u hambe lapa u tanda kona: kepa nxa u su mdala, u ya kwelula izandhla zako, omunye a ku bincise, a ku yise lapa u nga tandi kona. 19 Wa sho loku e bonisa ukuti ukufa kuni a ya kudumisa uNkulunkulu ngako. E se shilo loku, wa ti kuye, Ngi landele. 20 UPetro, e penduka, wa bona lo mfundi owa be tandwa uJesu e landela, o nguye futi owa ncika esifubeni sake esidhlweni, wa ti, Nkosi, ngubani okukapelayo? 21 Ngakoke uPetro e m bona wa ti ku Jesu, Nkosi, lo muntu po u ya kwenzani? 22 UJesu wa ti kuye, Uma ngi tanda ukuba a hlale ngi ze ngi fike, ku yini kuwe na? landela mina, wena. 23 Ngakoke leli zwi la ti hxelele pakati kwabazalwane, ukuti lowo mfundi a ka yi kufa: kepa uJesu a ka shongo kuye, ukuti a ka yi kufa: kodwa wa ti, Uma ngi tanda ukuba a hlale ngi ze ngi fike, ku yini kuwe na?

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isiqiniselo sencwadi.

24 Nguye lo mfundi o fakaza nga lezi zinto, wa loba lezi zinto: si y'azi ukuti ubufakazi bake bu qinisile.

25 Ku konake nokunye okuningi akwenzayo uJesu, okungati uma ku lotshiwe konke ngakunye, ngi ti umhlaba nawo u nge z'anele izincwadi ezingalotshwayo.

IZENZO ZABAPOSTOLI

Ukukushulwa ku ka Jesu. Ukuketwa ku ka Matiya.

1 Incwadi yokuqala nga y'enza, Teofilo, ngako konke uJesu a qala ukukwenza nokukufundisa, 2 kwa za kwa ba usuku a kushulwa ngalo, se e yalile ngoMoya oNgcwele abapostoli a be ba ketile: 3 a ziveza kubo e pilile emva kwokuhlupeka kwake ngobufakazi obuningi, e bonakala kubo izinsuku ezi mashumi amane, e kuluma oku ngombuso ka Nkulunkulu: 4 e se hlangene nabo, wa ba yala ukuba ba nga muki eJerusalem, kepa ba hlalele isitembiso si ka Yise, sona ena si zwa ngami: 5 ngoba uJohane kambe wa bapatiza ngamanzi; kepa nina ni ya kubapatizwa ngoMoya oNgcwele ku nga ka bi izinsuku eziningi.

6 Ngakoke se be butene, ba m buza, be ti, Nkosi, u su buyisela ku Israeli umbuso nga lesi sikati na? 7 Wa ti kubo, A siko okwenu ukwazi izikati nokuba imizuzu, uBaba a ku misele emandhleni ake. 8 Kodwa ni ya kwamkeliswa amandhla, e se fikile pezu kwenu uMoya oNgcwele: ni be ngofakazi bami eJerusalem, na seJudiya lonke na seSamariya, ku ze ku be na semkaulweni womhlaba. 9 Ku te e se shilo loku, wa fukulwa, be buka; ifu la m amkela la m susa emehlweni abo. 10 Be sa te njo ezulwini e hamba, nanka amadoda amabili emi nga kubo embete izingubo ezimhlope; 11 a ti, Nina madoda a seGalile, ni meleni ni buka nga sezulwini na? uJesu lo o suke kini e kushulelwa ezulwini, u ya kuza nga lolo hlobo njengaloku ni m bone e ya ezulwini.

12 Ba se be buyela eJerusalem be vela entabeni e tiwa eyemiNqumo, e seduze neJerusalem, ibanga eli hanjwa ngesabata. 13 Se be ngenile, b'enyukela ekamelweni eli pezulu, lapo ba be hlala kona; uPetro noJohane noJakobe noAndreya, noFilipu noTomasi, uBartolome noMateu, uJakobe ka Alfeu, noSimon isiShisekeli, noJuda umfo wabo ka Jakobe. 14 Laba bonke ba hlala ngesineke nganhliziyonye ekutandazeni, kanye nesifazana, noMariya unina ka Jesu, nabafo wabo.

15 Nga le mihla uPetro wa sukuma pakati kwabazalwane, (kwa ku kona isixuku sabantu ndawonye, kungati ikulu namashumi amabili), wa ti, 16 Bazalwane, kwa ku melwe ukuba ku gcwaliseke umbhalo, uMoya oNgcwele awukulumayo ngapambili ngomlomo ka Davida ngoJudasi,owa be umholi ku labo aba bamba uJesu. 17 Ngoba wa e balwe kanye nati, wa tola isabelo ku le nkonzo. 18 (Lowoke wa zuza izwe ngomvuzo wokungalungi kwake; wa wa ngekanda, wa quma pakati, kwa palala izibilini zake zonke. 19 Kwazeka kubo bonke abakileyo eJerusalem; ngangoba lelo zwe la qanjwa ngolimi lwa kubo ukuti iAkeldama, oku ukuti, Izwe legazi). 20 Ngokuba ku lotshiwe encwadini yamaHubo ukuti,

Umuzi wake ma u be incitakalo,
A ku nga biko o hlala kuwo;

nokuti,

Isikundhla sake a si tatwe omunye.

21 Ku la madodake a be hamba nati isikati sonke iNkosi uJesu e ngena e puma ngaso pakati kwetu, 22 ku qalela obapatizweni lu ka Johane, kwa za kwa ba usuku eya kushulwa ngalo kitina, enye yawo i melwe ukuba ngufakazi wokuvuka kwayo kanye

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nati. 23 Ba se be misa ababili, uJosefa o tiwa uBarsaba, o gama limbe nguJustu, be noMatiya. 24 Ba tandaza, ba ti, Wena, Nkosi, umazi wezinhliziyo zabo bonke, hlahla a be munye ku laba babili omketileyo, 25 ukuba a tabate isikundhla se le nkonzo nobupostoli a pambuka kubo uJudasi ukuya endaweni yake. 26 Ba se be b'enzela inkato; ya dhla uMatiya; wa balwa kanye nabapostoli aba ishumi nanye.

2 Kwa ti se ku fikile usuku lwePentekoste, ba be ndawonye bonke kanyekanye. 2 Kwa se ku qamuka inhlokomo ngesigubukana i vela ezulwini kungati ukuhushuza kwesivunguvungu esi namandhla, ya gcwalisa indhlu yonke aba be hlezi kuyo. 3 Kwa bonakala kubo izilimi z'ahlukana, kwangati ezomlilo; za hlala pezu kwabo bonke ngabanye. 4 Bonke ba gcwala uMoya oNgcwele, ba qala ukukuluma ngezinye izilimi, njengaloku uMoya wa ba pa ukuba ba pumesele.

5 Kwa kwake eJerusalem abaJuda, abantu abaqoto, be vela ezizweni zonke ezi pansi kwezulu. 6 Kwa t'uba ku zwakale lowo mdumo, isiqumbi sa butana, ba sanganeka, ngokuba kwa ba ilowo wa b'ezwa be kuluma ngolimi lwa kubo. 7 Bonke ba nkema ba mangala, be ti, Bhekani, laba bonke abakulumayo a sibo aba seGalile na? 8 Yini po, ukuba si zwe sonke ngolimi lwa kiti esa zalwa nalo na? 9 AmaPartiya namaMede namaElami, nabakileyo eMesopotamiya, na seJudiya na seKapadosiya, na sePontu na seAsiya, 10 e Frigiya na sePamfiliya, eGipite na kwela seLibya nga seKurene, naba te gozololo eRoma, abaJuda naba ngene ebuJudeni, 11 aba seKrete naba seArabiya, si ya b'ezwa be kuluma ngezilimi za kiti imisebenzi emikulu ka Nkulunkulu. 12 Ba nkema bonke, ba sambateka, be ti omunye komunye, Ku fun'ukuba yini loku na? 13 Kepa abanye ba ba swabulela be ti, Ba gcwele iwayini elimnandi.

14 Kepa uPetro, e mi naba ishumi nanye, wa nqonqoloza, wa ti kubo, e pumisela, Madoda a seJudiya, nani nonke abakileyo eJerusalem, ma kwazeke loku kini, ni beke indhlebe emazwini ami. 15 Ngoba laba ka ba dakiwe, njengokucabanga kwenu; loku ku se ihora lesitatu nje lemini; 16 kodwa loku ku iko okwa kulunywa ngomprofeti uJoweli ukuti:

17 Ku ya kuti ngezinsuku zokupela, ku sho uNkulunkulu,
Ngi tele uMoya wami pezu kwenyama yonke:
Amadodana enu namadodakazi enu a ya kuprofeta,
Izinsizwa zenu zi ya kubona imibono,
Abadala benu ba ya kupupa amapupo:
18 Na pezu kwezinceku zami nezincekukazi zami nga leyo mihla
Ngo tela uMoya wami; zi ya kuprofeta.
19 Ngi ya kuveza izimangaliso ezulwini pezulu,
Nezibonakaliso emhlabeni pansi;
Igazi, nomlilo, nenkwezane yomusi:
20 Ilanga li ya kupenduka ubumnyama,
Inyanga i penduke igazi,
Lu nga ka fiki usuku lweNkosi,
Olukulu oluqamileyo:
21 Ko ti, wonke o teta igama leNkosi a sindiswe.

22 Madoda, baIsraeli a ke ni zwe la mazwi: uJesu wa seNazareta, umuntu o qiniselwa uNkulunkulu kini ngemisebenzi yamandhla na ngezimangaliso nezibonakaliso uNkulunkulu a z'enza ngaye pakati kwenu, njengaloku n'azi nina; 23 yena lo, se e kashelwe ngecebo elimisiweyo na ngokwazi pambili ku ka Nkulunkulu, na m betela ngezandhla zab'eqa umteto na m bulala; 24 amvusayo uNkulunkulu, e se tukulule inimba yokufa: loku kwa ku ng'enzeke ukuba a banjwe iko. 25 Ngoba uDavida u ti ngaye,
Nga yi bona iNkosi i sebusweni bami ngezikati zonke;
Ngoba i nga kwesokunene sami, ukuze ngi nga nyakaziswa:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku penduka abantu. Ubudhlelwane babakolwayo. Unyonga.

26 Nga lokuke inhliziyo yami ya
jaja, ulimi lwami lw'etaba;
Futi inyama yami i ya kuhlala
etembeni:
27 Ngokuba a u yi kushiya umpefu-
mulo wami eHaidesi,
A u yi kunika oNgcwele wako a
bone ukubola.
28 U ng'azisile izindhlela zokupila;
Wo ngi gcwalisa ngokujaja ngo-
buso bako.
29 Bazalwane, ma ke ngi sho kini ngokupumesela ngokoko uDavida, ukuti wa fa w'embelwa, ituna lake li kona kiti na namhla nje. **30** Nga-koke loku e ngumprofeti, azi futi uku-ba uNkulunkulu wa funga ngesifungo kuye, ukuti kokwenzalo yokalo lwake u ya kumisa otile esihlalweni sake so-bukosi; **31** e bona loku ngapambili wa kuluma ngokuvuka ku ka Kristu, ukuti a ka shiywanga eHaidesi, ne-nyama yake a i bonanga ukubola. **32** Lo Jesu wa vuswa uNkulunkulu, esi ngofakazi bako tina sonke. **33** Nga-koke e pakanyisiwe esokunene si ka Nkulunkulu, amkele ku Yise uMoya oNgcwele o be tenjisiwe, u tulule loku, enikubonayo nenikuzwayo. **34** Ngo-ba uDavida a k'enyukelanga emazu-lwini: kepa u ti yena,
INkosi ya ti eNkosini yami,
Hlala nga kwesokunene sami,
35 Ngi ze ng'enze izita zako zi be
isenabelo sezinyawo zako.
36 Ma ku ti indhlu yonke ya kwa Israeli y'azisise, ukuti uNkulunkulu u m enze iNkosi noKristu, lo Jesu enambetelayo.

37 Ba ti ukuzwa loku, ba hlabeka enhliziyweni, ba ti ku Petro na kwa-banye abapostoli, Bazalwane, si za kwenzani na? **38** UPetro wa ti ke kubo, Pendukani, ni bapatizwe nonke ngabanye ngegama li ka Jesu Kristu ku be ukutetelelwa kwezono zenu; ni ya kwamkeliswake uMoya oNgcwele e isipo. **39** Ngokuba isitembiso si kinina, na ku bantwana benu, na kubo bonke aba kude, labo iNkosi uNkulu-nkulu wetu e ya kubabizela kuyo. **40** Na ngamanye amazwi amaningi wa fakaza, wa ba vuselela, e ti, Zisindiseni ku lesi sizukulwane esi isi-gwegwe. **41** Ab'amkela izwi lake ba bapatizwa: kw'enezelelwa kubo nga lowo mhla abantu kungati izinku-lungwane ezintatu. **42** Ba hlala nge-sineke ekufundiseni kwabapostoli na sebudhlelwaneni, na sekuhlepuleni isi-nkwa na semitandazweni.

43 Kwa ilowo ke wehlelwa ukwe-saba: kw'enziwa ngabapostoli izima-ngaliso nezibonakaliso eziningi. **44** Bonke abakolwayo ba be ndawonye, ba hlanganyela izinto zonke; **45** ba tengisa ngemfuyo na ngempahla ya-bo, b'abela ngayo bonke njengaloku ku swele noma ubani. **46** Imihla ngemihla be hlala ngesineke nganhli-ziyonye etempelini, be hlepula isi-nkwa ekaya, ba dhla ukudhla kwabo ngokwetaba na ngenhliziyo ebekileyo, **47** be babaza uNkulunkulu, be nesa-sasa ku bantu bonke. INkosi y'ene-zelela kubo imihla ngemihla labo abasindiswayo.

3 UPetro noJohane ba b'enyukela etempelini ngehora lokutandaza elesishiyangalolunye. **2** Umuntu oti-le owa e unyonga kwa sesiswini si ka nina wa e twalwa, aba be m beka imi-hla ngemihla emnyango wetempeli o tiwa Muhle, ukuze a cele ukupiwa ilabo aba ngena etempelini: **3** owa ti ukubona uPetro noJohane be za kungena etempelini, wa cela ukupi-wa. **4** UPetro, wa mu ti njo be noJohane, wa ti, Si bheke. **5** Wa ba nanza, e ti ba za kumamkelisa uto. **6** Kepa uPetro wa ti, Isiliva negolide a ngi nako; kepa engi nako ngi ku nika kona. Ngegama li ka Jesu Kristu wa seNazareta, suk'u hambe. **7** Wa m bamba ngesandhla sokunene, wa m sukumisa; kwa qina masinyane izi-nyawo zake namaqakala. **8** Wa ti lotu w'ema, wa hambahamba; wa ngena nabo etempelini, e hamba, e xuma, e babaza uNkulunkulu. **9** Abantu bonke ba m bona e hamba e babaza uNkulunkulu: **10** ba m azi ukuba uyena owa e hlalela ukupiwa eSangweni eLihle letempeli: ba sha-ywa uvalo ba nkema nga loko okwe-hlakele kuye.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi ka Petro. UPetro noJohane ba ya boshwa.

11 E sa bambe uPetro noJohane, abantu bonke ba gijimela kubo empemeni o tiwa o ka Solomon, be shaywa uvalo. **12** Wa ti ukubona loku uPetro, wa pendula wa ti ku bantu, Madoda a kwa Israeli ni mangalelani nga lo muntu na? Yini ukuba ni si ti njo tina, ngokungati si m enze wa hamba lo muntu ngamandhla etu na ngokulunga kwetu? **13** UNkulunkulu ka Abraham, noIsaka, noJakobe, uNkulunkulu wa okoko, u dumisile iNceku yake uJesu; enamkapelayo, na m pika ebusweni bu ka Pilatu, se e nqume ukuti u zo m kulula. **14** Kepa na pika oNgcwele noLungileyo, na cela ukuba ni piwe umuntu o ngumbulali, **15** na yi bulala iNkosi yokupila; ayivusayo uNkulunkulu kwabafileyo; esi ngofakazi ba loko tina. **16** Ngokukolwa egameni layo igama layo li m enze wa qina lo muntu enimbonayo nenimaziyo; yebo, ukukolwa oku ngayo ku m nike lobu buqwanqwa pambi kwenu nonke. **17** Kalokuke, bazalwane, ngi y'azi ukuba n'enza ngokungazi, njengababusi benu nabo. **18** Kepa izinto uNkulunkulu azishoyo ngapambili ngomlomo wabaprofeti bonke, kokuti nga e hlupeka uKristu wake, u zi gcwalisile kanje. **19** Ngakoke pendukani, ni guquke, ku hlangulwe izono zenu, ukuze ku fike izikati zokuhlumeleleka ezi vela ebusweni beNkosi; **20** nokuba i tume uKristu enimmiselweyo, yena uJesu: **21** o melwe ukuba izulu li m amkele ku ze ku be izikati zokubuyiswa kwezinto zonke, a kuluma ngazo uNkulunkulu ngomlomo wabaprofeti bake abangcwele ku sukela pakade. **22** UMoses pela wa ti, INkosi uNkulunkulu wenu i ya kunivusela umprofeti wa ku bazalwane benu, a be njengami; ni ze ni m lalele yena ngako konke a za kukukuluma kinina. **23** Ku ya kuti, wonke o nga m laleli lowo mprofeti, a shabalaliswe pakati kwabantu. **24** Yebo nabaprofeti bonke ku tatela ku Samuweli nabalandelayo, bonke abakulumileyo, ba memezela lezi zinsuku. **25** Nina ni amadodana abaprofeti, nawesivumelwano asenzayo uNkulunkulu na okoko benu, e ti ku Abraham, Ngenzalo yako i ya kubusiswa imindeni yonke yomhlaba. **26** UNkulunkulu se e vusile iNceku yake, wa qala wa yi tuma kinina, ukunibusisa ngokuniguqula nonke ngabanye ebubini benu.

4 Kwa ti, be sa kuluma ku bantu, abapristi nenduna yetempeli naba-Saduse ba ba fikela, **2** be casukile ngokufundisa kwabo abantu, be memezela ngoJesu ukuvuka kwabafileyo. **3** Ba yisa izandhla kubo, ba ba faka etilongweni kwa za kwa ba ingomuso: ngokuba kwa se ku hlwa. **4** Kepa abaningi kwab'ezwa izwi ba kolwa; umumo wamadoda wa ba kungati izinkulungwane ezi isihlanu.

5 Kwa ti ngangomso, kwa butana eJerusalem ababusi babo namalunga nababhali; **6** no Anasi, umpristi omkulu, noKayafa, noJohane, no-Alesandro, nabo bonke aba be ngaba kubo ka mpristi omkulu. **7** Se be ba mise pakati kwabo, ba buza ba ti, N'enze loku nga mapi amandhla, na nga lipi igama na? **8** UPetro e gcwele uMoya oNgcwele, wa s'e ti kubo, Nina babusi babantu, namalunga, **9** uma si hlolwa namhla ngomsebenzi olungileyo, owenzelwa umuntu owa e isigogo, ukuba lo u sindiswe ngani; **10** ma kwazeke kinina nonke, na ku bantu bonke ba kwa Israeli ukuti ngegama li ka Jesu Kristu wa se-Nazareta, enambetelayo, amvusayo uNkulunkulu kwabafileyo, ngaye u mi lo muntu pambi kwenu, e pilile e te mwe. **11** Yena lo u itshe ela delelwa inina abaki, e se li inhloko yegumbi. **12** A kuko ukusindiswa ngomunye: ngoba a liko elinye igama pansi kwezulu, eli nikwe ebantwini, esi melwe ukusindiswa ngalo.

13 Ba ti ukubona isibindi si ka Petro noJohane, be qonda ukuti ba ngabantu aba nga fundile, imifunda nje, ba mangala; ba b'azi ukuba konje ba be noJesu. **14** Be bona lo muntu opilisiweyo e mi nabo, ba be nge na kukunyaza nga luto. **15** Se be yale ukuba ba dede empakatini, ba xoxa bodwa, **16** be ti, Si za kwenze

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

njani ku laba bantu na? loku kambe ku bonakele kubo bonke abakileyo eJerusalem ukuti isibonakaliso esidumileyo senziwe ibo; si nge ku pike loko. 17 Kepa ukuba ku nga be ku s'anda pakati kwabantu, a si ba cupise, ukuba ba nga be be sa kuluma ku muntu na munye nga leli gama. 18 Ba se be ba biza, ba ba yala ngokuti ba nga ze ba ti leke, ba nga fundisi na kanye ngegama li ka Jesu. 19 Kepa uPetro no Johane ba pendula ba ti kubo, Ukuba ku lungile yini emehlweni ka Nkulunkulu ukuba si lalele nina kunoNkulunkulu yahlulelani nina: 20 ngoba tina a si na mandhla ukuba si nga kulumi izinto esazibonayo nesazizwayo. 21 Bonake, se be ba cupisile futi, ba ba yeka, be nga fumani luto lokuba ba nga ze ba ba shaye, ngenxa yabantu; ngoba abantu bonke ba dumisa uNkulunkulu nga loko okwenziweyo. 22 Ngokuba lo muntu, es'enziwa kuye lesi sibonakaliso sokupulukisa, wa e neminyaka emashumi amane nomvo.

23 Se be yekiwe, ba ya kwaba kubo, ba bika konke okwa ku shiwo abapristi abakulu namalunga kubo. 24 Bona, se be zwile loko, ba pakamisa izwi labo ku Nkulunkulu nganhliziyonye, ba ti, E, Mnini'zinto zonke wena ow'enza izulu nomhlaba nolwandhle, nako konke oku kuko: 25 owa sho ngoMoya oNgcwele, ngomlomo wenceku yako uDavida ubaba wetu, ukuti,

Yini ukuba izizwe zi xokozele,
Nabantu ba cabange oku ize na?
26 Amakosi omhlaba a zihlelile,
Nababusi ba butana ndawonye,
Ukulwa neNkosi noGcotshiweyo wayo:

27 ngoba ngempela kwa butaha ku lo muzi ngeNceku yako engcwele uJesu owamgcobayo, uHerode no Pontiyo Pilatu, kanye nabezizwe nabantu ba kwa Israeli, 28 ukuze ba kwenze loko oku miswe ngapambili isandhla sako necebo lako ukuba kwenzeke. 29 Kalokuke, Nkosi, bheka ukucupisa kwabo: u nike izinceku zako ukuba zi kulume izwi lako ngaso sonke isibindi, 30 ekweluleni kwako isandhla sako ukupulukisa; kwenziwe izibonakaliso nezimangaliso ngegama leNceku yako engcwele, uJesu. 31 Ku te se be nxusile, kwa zanyazanyiswa indawo lapa be butene kona; ba gcwala uMoya oNgcwele bonke, ba kuluma izwi li ka Nkulunkulu ngesibindi.

32 Isiqumbi sabakolwayo sa si nhliziyonye nompefumulo munye: a kwa bako noyedwa o ti uto lwempahla yake ngolwake; kodwa ba hlanganyela izinto zonke. 33 Abapostoli ba veza ngamandhla amakulu ukufakaza kwabo ngokuvuka kweNkosi uJesu: umusa omkulu wa u pezu kwabo bonke. 34 Ngoba kwa ku ngeko oswelayo kubo: ngokuba bonke aba be ngabanikazi bamazwe nezindhlu ba tengisa ngako, ba leta amanani a loko aba tengisa ngako, 35 ba wa beka ezinyaweni zabapostoli: kwa ilowo wabelwa, njengaloko umuntu e swele.

36 Kwa ti uJosefa owa tiwa abapostoli elinye lokuti uBarnaba (oku ukuti ngokukumushwa, iNdodana yokulaya), umLevi, owa seKupro ngokuzalwa, 37 yena e nomhlaba, wa tengisa ngawo, wa leta imali wa yi beka ezinyaweni zabapostoli.

5 Kepa umuntu otile, igama lake uAnaniya, e noSafira umkake, wa tengisa ngemfuyo, 2 wa godhla okunye kwenani layo, nomkake e kwazi, wa leta inxenye etile, wa yi beka ezinyaweni zabapostoli. 3 Kepa uPetro wa ti, Ananiya, ku ngani ukuba uSatane a gcwalise inhliziyo yako ukuba u qamb'amanga ku Moya oNgcwele, u godhle okwenani lezwe na? 4 Li sa hlezi, la li nga hlezi ngawe na? se li tengisiwe, be li ngeko emandhleni ako na? Ku be kanjani ukuba u mise le nto enhliziyweni yako? a u qambe manga ku bantu, u qamb'amanga ku Nkulunkulu. 5 Wa ti uAnaniya ukuzwa la mazwi wa wa pansi, wa puma umoya wake: b'ehlelwa ukwesaba okukulu bonke ab'ezwa loko. 6 Izinsizwa z'esuka za m songelezela, za m kipela pandhle za m mbela.

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abapostoli ba boshwa futi. Isiluleko si ka Gamaliyeli.

7 Kwa se ku umzuzu wokungati amahora amatatu emva kwa loku, kwa ngena umkake, e nga kwazi okwenzekileyo. 8 UPetro wa pendula wa ti kuye, Ngi tshele ukuba ni tengise izwe ngokungaka na. Wa ti, Yebo ku ngako. 9 Kepa uPetro wa ti kuye, Ku ngani ukuba ni vumelene ukulinga uMoya weNkosi na? Nazo izinyawo zab'ambele indoda yako zi semnyango, ba za kukukipela pandhle. 10 Wa se e wa pansi masinyane ezinyaweni zake, wa puma umoya wake: izinsizwa za ngena za m fumana e file, za m kipela pandhle, za m mbela nga sendodeni yake. 11 L'ehlelwa ukwesaba okukulu ibandhla lonke, nabo bonke abe'zwa lezi zinto.

12 Kwenziwake ngezandhla zabapostoli izibonakaliso nezimangaliso eziningi pakati kwabantu; ba be sempemeni ka Solomon bonke be nhliziyonye. 13 Kepa kwabanye a kwa bako owa e nesibindi sokuzihlanganisa nabo; kanti noko abantu ba b'enza into enkulu; 14 kwa ba ima benezelelwa kakulu eNkosini abakolwayo, isiqumbi sesilisa nesifazana: 15 ba se be kipela ezitaladini abagulayo, ba ba beka ezinhlakeni na sezinkukweni, ukuba kuti e dhlula uPetro, isitunzi nje sake si sitibeze mumbe wabo. 16 Kwa butana isiqumbi si vela emizini e zungeze iJerusalem, be leta abagulayo naba katazwa omoya abangcolileyo: ba piliswa bonke.

17 Kepake kwa suka umpristi omkulu, nabo bonke aba be naye (oku ihlelo labaSaduse), ba gcwala umona, 18 ba yisa izandhla ku bapostoli, ba ba faka etilongweni lezwe. 19 Kepa ingelosi yeNkosi ya vula iminyango yetilongo ebusuku, ya ba pumesa, ya ti, 20 Hambani, ni me ni kulume etempelini ku bantu amazwi onke a loku kuPila. 21 Ba ti ukuzwa loko, ba ngena etempelini ku beja ukusa, ba fundisa. Kepa kwa fika umpristi omkulu, naba be naye, ba bizela ndawonye umpakati, nezigele zonke zabakwaIsraeli, ba tumela endhlini yeziboshwa ukuze ba letwe. 22 Kepa amapolisa afikayo ka z'a ba fumana etilongweni; a buya a bika, 23 e ti, Indhlu yeziboshwa sa yi fumana i valiwe, i qinile impela, abalindi bemi eminyango: kepa se si vulile, ka sa fumana muntu ngapakati. 24 Kwa t'uba umpristi omkulu nenduna yetempeli nabapristi abakulu b'ezwe la mazwi, ba sambateka ngawo okokuba kazi ku yo petelapi loku. 25 Kwa fika umuntu wa ba tshela wa ti, Nankaya lawo madoda eni wa fake etilongweni a setempelini emi e fundisa abantu. 26 Ya se i puma induna kanye namapolisa, ya ba leta, ku nge ngesankahlu; ngokuba b'esaba abantu, funa ba kandwe ngamatshe. 27 Se be ba letile, ba ba misa empakatini. Umpristi omkulu wa ba buza, 28 e ti, Sa ni yala nokuniyala ukuba ni nga fundisi nga leli gama: naku, se ni gcwalise iJerusalem ngemfundiso yenu, ni hlose ukuleta igazi la lo muntu pezu kwetu. 29 Kepa uPetro nabapostoli ba pendula ba ti, Si melwe ukulalela uNkulunkulu kunabantu. 30 UNkulunkulu wa obaba wa m vusa uJesu, ena m bulala ngokumpanyeka emtini. 31 Lowo wa m pakamisa uNkulunkulu ngesokunene sake a be iNkosi noMsindisi, ukuba a nike uIsraeli ukupenduka nokutetelelwa kwezono. 32 Tina si ngofakazi ba lezi zinto; kanye noMoya oNgcwele, aba m nikwa uNkulunkulu abamlalelayo.

33 Kepa ba ti ukuzwa loku, ba hlabeka, kwa ku ti ma ba ba bulale. 34 Kepa kwa sukuma omunye empakatini, umFarisi, uGamaliyeli igama lake, umfundisi womteto, otusekayo ku bantu bonke, wa yala ukuba laba bantu ba ke ba punyiswe isikashana. 35 Wa s'e ti kubo, Madoda a kwa Israeli ziqapeleni nga laba bantu eni za kukwenza kubo. 36 Ngokuba ngapambili kwa lezi zinsuku kw'esuka uTuda, e zishaya uto; kw'encika kuye abantu aba nga ba amakulu amane: owabulawayo yena; bonkeke abamlalelayo ba citeka, a ba ze ba ba into ya luto. 37 Ngasemva kwa lo mu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ntu kw'esuka uJudasi wa seGalile ezinsukwini zokubhalwa, wa hlamukisa abatile ku bantu ba m landela: wa buba naye; bonke abamlalelayoke ba sakazeka. 38 Kalokuke ngi ti kini, Dedani ku laba bantu, ni ba yeke: ngokuba uma leli cebo nokuba lo msebenzi ku ngokwabantu, ku ya kuciteka: 39 kepa nxa ku ngoku ka Nkulunkulu, a ni yi kuba namandhla okubacita; funa mhlaumbe ni funyanwe ni lwa noNkulunkulu. 40 Ba m lalelake: se be ba bize abapostoli, ba ba shaya ba ba yala ukuba ba nga kulumi ngegama li ka Jesu, ba se be ba mukisa. 41 Ba se be muka pambi kwompakati, be tokoza ngokuba ku tiwa ba fanele ukutuniswa ngenxa ya lelo Gama. 42 Njaloke ngezinsuku zonke, etempelini na semakaya, a ba yekanga ukufundisa nokushumayela ngoJesu ukuti nguKristu.

6 Kwa ti ke nga leyo mihla, abafundi se b'anda, kwa vela ukukonona pakati kwabaJuda aba lingisa amaGreki be konona ngamaHeberu, ngoba abafelokazi ba kubo ba silala ekwabiweni kwemihla ngemihla. 2 Aba ishumi nambili ba biza isiqumbi sabafundi, ba ti kubo, A ku fanele tina si shiye izwi li ka Nkulunkulu, si konze ematafuleni. 3 Ngakoke, bazalwane, a ke ni cinge pakati kwenu abantu aba isikombisa aba ncomeka ngokuhle, aba gcwele uMoya nokuhlakanipa, esi nga ba misela lo msebenzi. 4 Kepa tina si zo hlala ngesineke emtandazweni, na senkonzweni yezwi. 5 Loko kusho kwa hlaba umxwele isiqumbi sonke: ba keta uStefano, umuntu o gcwele ukukolwa noMoya oNgcwele, noFilipu, noProkoro, noNikanore, noTimon, noParmena, noNikolau owa seAntiyoke owa e ngene ebuJudeni; 6 aba ba misa pambi kwabapostoli: se be tandazile, ba beka izandhla pezu kwabo.

7 Izwi li ka Nkulunkulu l'andake; umumo wabafundi wa kula kakulu eJerusalem; isixuku esikulu sabapristi sa lalela inkolo.

8 Kepa uStefano, e gcwele umusa namandhla, w'enza izimangaliso nezibonakaliso ezikulu ebantwini. 9 Kwa se ku suka abatile kwabesinagogo eli tiwa elaba Libertino, na kwaba seKurene, na kwaba seAlesandriya, na kwaba vela eKilikiya na seAsiya, ba pikisana noStefano. 10 Ba be nge namandhla ukumelana nokuhlakanipa noMoya a kuluma ngawo. 11 Ba se be duda abantu, aba ti, Si m zwile e kuluma amazwi enhlamba ngoMoses, na ngoNkulunkulu. 12 Ba pitizisa abantu, namalunga, nababhali, ba m fikela, ba m xozomela, ba m yisa empakatini, 13 ba misa ofakazi bamanga, aba ti, Lo muntu a ka yeki ukukuluma amazwi okuhleba le ndawo engcwele, nomteto: 14 ngoba si m zwile e ti, uJesu lo wa seNazareta u ya kucita le ndawo, a guqule imikuba a si nika yona uMoses. 15 Bonke aba be hlezi empakatini, ba mu ti ngqa, ba bona ubuso bake kungati ubuso bengelosi.

7 Wa ti umpristi omkulu, Nembala lezi zinto zi njalo na? 2 Wa ti ke yena,

Bazalwane nani bobaba, lalelani: UNkulunkulu wobukosi wa bonakala ku koko uAbraham, e seMesopotamiya, e nga k'aki kwa Haran, 3 wa ti kuye, Suka ezweni la kini, na sezihlotsheni zako, u ye ezweni engi za kukukombisa lona. 4 W'and'ukupuma ezweni lamaKaldiya, wa ya w'aka kwa Haran: se e file uyise, uNkulunkulu wa m susa lapo wa m leta ku leli zwe en'ake kulo kaloku: 5 kepa ka m nikanga lifa kulo, qa, ngi sho nelokubeka unyawo: wa tembisa wa ti u za kumnika lona li be elake nelenzalo yake emva kwake, e nga ka bi na mntwana. 6 UNkulunkulu wa kuluma kanje, wa ti inzalo yake i za kuti gozololo ezweni lezizwe, ba y'enze izigqili, ba yi pate kabi iminyaka e ngamakulu amane. 7 Isizwe e ya kuba izigqili kuso ngo s'ahlulela, wa sho uNkulunkulu: and'uba i pume, i ngi konze ku le ndawo. 8 Wa m nikake isivumelwano sokusoka: njaloke wa zala uIsaka, wa m soka ngosuku lwesishiyangalombili, uIsaka wa zala uJakobe,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

uJakobe wa zala okoko aba ishumi nambili. 9 Okoko ba ba nomona ngoJosefa, ba tengisa ngaye wa ya Egipite; uNkulunkulu wa e naye, 10 wa m opula kuzo zonke izinkatazo zake, wa m nika isasasa nokuhlakanipa pambi ku ka Faro inkosi ya sEgipite; wa m misa a be umbusi pezu kwEgipite nendhlu yonke yake. 11 Kwa fika indhlala pezu kwalo lonke la sEgipite nela kwa Kanan, nokukatazeka okukulu: okoko a ba fumana ukudhla. 12 Kepa uJakobe wa t'ukuzwa ukuti ku kona amabele Egipite, wa tuma obaba betu ngokwokuqala. 13 Kwa ti ngokwesibili uJosefa w'aziwa abafo wabo; kwa bonakala ku Faro isizwe sa kubo ka Josefa. 14 Wa tumelake uJosefa, wa biza uJakobe uyise, naba kubo bonke, abantu aba mashumi a isikombisa nesihlanu. 15 W'ehlelake uJakobe Egipite; wa fa yena na okoko betu; 16 ba yiswa eShekem, ba bekwa etuneni ela tengwa uAbraham ngenani lesiliva ku madodana ka Hamore eShekem. 17 Kepa se si sondela isikati sesitembiso uNkulunkulu asigomelayo ku Abraham, abantu b'anda ba ba baningi Egipite, 18 kwa za kwa vela enye inkosi Egipite, e bi nga m azi uJosefa. 19 Yona ya pata ngobuhlakani isizwe sa kiti, ya ba pata kabi okoko, okokuba ba ze ba lahle izingane zabo ukuze zi nga pili. 20 Okwa ti nga leyo nkati kwa zalwa uMoses, e muhle kakulu; w'ondhliwa izinyanga ezintatu endhlini ka yise: 21 se e lahliwe, indodakazi ka Faro ya m tola, ya z'ondhlela yena ukuba a be indodana yayo. 22 UMoses wa fundiswa ukuhlakanipa konke kwaba sEgipite; wa ba namandhla ngamazwi na ngemisebenzi yake. 23 Ku te e se za kuba neminyaka emashumi amane, kwa fika enhliziyweni yake ukuba a hambele abafo wabo aba kwa Israeli. 24 Wa bona omunye oniwa, wa m vikela, wa m pindisela obandezelweyo, wa m kobola owa sEgipite: 25 wa e ti kambe abafo wabo ba ya qonda ukuti uNkulunkulu u ba nika ukusindiswa ngesandhla sake; kepa a ba qondanga. 26 Ngangomso wa bonakala kubo be lwa, wa e ti u zo b'enza ba buyisane, e ti, Madoda, ni ngabazalwane: yini ukuba n'onane na? 27 Kepa owa be ona umakelwane wake wa m hlohloloza, e ti, U bekwe ubani u be umbusi nomahluli pezu kwetu na? 28 U sa funa ukungibulala, njengaloku u bulale owa sEgipite izolo na? 29 UMoses w'eqa nga loko kusho, wa ti gozololo ezweni la kwa Midian, lapo wa zalela kona amadodana amabili. 30 Ku te ukuba ku gcwaliseke iminyaka emashumi amane, ingelosi ya bonakala kuye ehlane lentaba iSinayi, i selangabini lomlilo esihlahleni. 31 Wa ti uMoses ukubona loko, wa mangala ngo mbono: e sa sondela ukuba a bhekisise, kwa fika izwi leNkosi, 32 li ti, Ngi nguNkulunkulu wa okoko bako, uNkulunkulu ka Abraham, noIsaka, noJakobe. UMoses wa tutumela, a ka ba na sibindi sokubhekisisa. 33 INkosi ya ti kuye, Tukulula izicatulo u zi suse ezinyaweni zako: ngoba indawo o mi kuyo i ngumhlabati ongcwele. 34 Ngi ku bonile nokukubona ukuhlushwa kwabantu bami aba kona Egipite, ngi zwile ukububula kwabo, ng'ehlile ukuze ngi b'opule: a k'u ze kaloku, ngi za kukutumela Egipite. 35 UMoses lo abamalayo, be ti, U bekwe ubani u be umbusi nomahluli? uNkulunkulu u m tumile yena lo a be umbusi nomhlengi ngesandhla sengelosi eya bonakala kuye esihlahleni. 36 Yena lowo wa ba kipa, e s'enze izimangaliso nezibonakaliso Egipite, na selwandhle oluBomvu, na sehlane iminyaka emashumi amane. 37 Lo ke nguye uMoses lowo, owa ti kwaba kwa Israeli, UNkulunkulu u ya kunivusela umprofeti ku bazalwane benu, a be njengami. 38 Lo u nguye owa e kona ebandhleni ehlane kanye nengelosi eya kuluma kuye entabeni iSinayi, kanye na okoko: ow'amkela amazwi okupila ukuze a si nike wona: 39 kepa okoko a ba vumanga ukumlalela, kodwa ba m hlohloloza, ba kwibishela Egipite ngezinhliziyo zabo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku bulawa uStefano. Ibandhla li zingelwa, li hlakazwa.

40 be ti ku Aron, S'enzele onkulunkulu aba za kuhamba pambi kwetu: ngoba lo Moses, owa si kipa ezweni la sEgipite, a s'azi ukuba w'ehlelwe ini. 41 B'enza inkonyana nga leyo mihla, ba leta umhlatshelo esitombeni, ba jaja ngemisebenzi yezandhla zabo. 42 Kepa uNkulunkulu wa ba fulatela, wa ba dedela ba konze ibandhla lezulu; njengokuba ku lotshiwe encwadini yabaprofeti ukuti,

Na ni nikela kimi izilwane ezihlatshiweyo nemihlatshelo
Iminyaka e ngamashumi amane ehlane na, nina ndhlu ka Israeli?
43 Yebo na fukula itabanekele li ka Moloko,
Nenkanyezi yonkulunkulu uRefan,
Imifanekiso ena y'enza ukuba ni kuleke kuyo:
Ngi ya kunimukisela nga le kwe-Babylon.

44 Okoko ba be netabanekele lobufakazi ehlane, njengaloku akumisayo owa kuluma ku Moses, ukuba a l'enze ngokwomfanekiso a be wu bonile. 45 Elamkelwa okoko, aba ti be no-Joshua, ba ngena nalo se be zidhla ubufa izizwe, eza xoshwa uNkulunkulu ebusweni ba okoko, kwa za kwa ba semihleni ka Davida; 46 owa fumana isasasa emehlweni ka Nkulunkulu, wa cela ukumfumanela uNkulunkulu ka Jakobe indawo yokuhlala. 47 Kepa uSolomon wa m akela indhlu. 48 Kantike oPezu Konke ka hlali ezindhlini ez'enziwe ngezandhla; njengokusho kwomprofeti ukuti,

49 Izulu li isihlalo sami sobukosi,
Umhlaba u isenabelo sezinyawo zami:
Indhlu e njani eni za kungakela yona na? i sho iNkosi:
I yini indawo yokupumula kwami na?
50 Angiti isandhla sami es'enze lezi zinto zonke na?

51 Nina bantamo zilukuni aba nga sokanga ngezinhliziyo na ngezindhlebe, ni melana njalo noMoya oNgcwele: njengokoko benu ni njalo nani. 52 Ngumupi ku baprofeti okoko benu aba nga m zingelanga na? ba bulala aba be memezela kini ngapambili ngokuza kwoLungileyo; e se ni ngabakapeli bake nababulali bake; 53 nina n'amkela umteto njengokumiswa kwawo izingelosi, kepa a ni wu londanga.

54 Ba ti ukuzwa loko, ba hlabeka ezinhliziyweni, ba m gedhlela amazinyo. 55 Kepa yena, e gcwele uMoya oNgcwele, wa ti njo ezulwini, wa bona ubucwazicwazi bu ka Nkulunkulu, noJesu e mi ngakwesokunene si ka Nkulunkulu, 56 wa ti, Naku, ngi bona amazulu e vuliwe, neNdodana yomuntu i mi ngakwesokunene si ka Nkulunkulu. 57 Kepa ba dazuluka ngezwi elikulu, ba vimba izindhlebe zabo, ba m telekela ngahliziyonye; 58 ba m kipela ngapandhle kwomuzi, ba m kanda ngamatshe: ofakazi ba beka izingubo zabo ezinyaweni zensizwa igama layo nguSaule. 59 Ba m kanda ngamatshe uStefano, e teta iNkosi, e ti, Nkosi Jesu, y'amkela umoya wami. 60 Wa s'e guqa pansi, wa dazuluka ngezwi elikulu e ti, Nkosi, u nga beki kubo lesi sono. E se ku shilo loku, wa lala ubutongo.

8 1 USaule naye wa e vumelana nokubulawa kwake.

Nga lolo suku kwa vela ukuzingelwa okukulu kwebandhla ela li seJerusalem; bonke ba hlakazekela emazweni a seJudiya na seSamariya, kwa sala abapostoli bodwa. 2 Abantu abaqoto ba m mbela uStefano, ba m enzela isililo esikulu. 3 Kepa uSaule wa vikiza ibandhla, e ngena ezindhlini ngezindhlu zonke, e hudula abesilisa nabesifazana wa ba faka etilongweni.

4 Abahlakazekileyo ba hambahambake be shumayela izwi. 5 UFilipu w'ehlela emzini wa seSamariya, wa ba shumayeza uKristu. 6 Izixuku za lalela nganhliziyonye lezo zinto eza kulunywa uFilipu, zi zwa zi bona izibonakaliso azenzayo. 7 Ngokuba kwabaningi aba be nomoya abangcolileyo, ba puma, be memeza ngezwi elikulu: abaningi aba be fe izinhlangoti, naba izinyonga ba piliswa. 8 Kwa ba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kona ukutokoza okukulu ku lo muzi.
9 Kepa kwa ku kona umuntu otile, uSimon igama lake, owa be isanusi ku lo muzi ngapambili, wa si nkemisa isizwe sa seSamariya, e zishaya umuntu omkulu: 10 ba m lalela bonke, ku sukela kwabancinyane ku ya kwabakulu, be ti, Lo muntu u ngamandhla ka Nkulunkulu a tiwa maKulu. 11 Ba m lalela ngokuba wa e kade e ba nkemisa isikati eside ngobanuse bake. 12 Kepa inxa se be kolwa uFilipu e shumayela izindaba ezinhle ngombuso ka Nkulunkulu na ngegama li ka Jesu Kristu, ba bapatizwa, abesilisa nabesifazana. 13 Wa kolwa naye uSimon: wa ti e bapatiziwe, wa hlala ngesineke noFilipu; wa ti e bona izibonakaliso nemisebenzi yamandhla emikulu enziwayo, wa nkema.
14 Ba ti abapostoli aba seJerusalem ukuzwa ukuti iSamariya se li l'amkele izwi li ka Nkulunkulu, ba tumela kubo uPetro noJohane: 15 aba ti se b'ehlele kona ba ba tandazela ukuba b'amkeliswe uMoya oNgcwele: 16 ngokuba wa e nga k'ehleli na koyedwa kubo: ba be sa bapatizwe nje egameni leNkosi uJesu kupela. 17 Ba se be beka izandhla pezu kwabo, b'amkela uMoya oNgcwele. 18 USimon wa t'ukubona ukuba ku piwe uMoya oNgcwele ngokubekwa kwezandhla zabapostoli, wa leta kubo imali, 19 e ti, Ngi nikeni nami lawa mandhla ukuze lowo engi beka izandhla pezu kwake amkeliswe uMoya oNgcwele. 20 Kepa uPetro wa ti kuye, Isiliva lako ma li bube kanye nawe, ngokuba u ti isipo si ka Nkulunkulu si nga zuzwa ngemali. 21 A u na sabelo na fa ku le ndaba: ngoba inhliziyo yako a i lungile emehlweni ka Nkulunkulu. 22 Ngakoke penduka ku lobu bubi bako, u nxuse eNkosini, kungati mhlaumbe u tetelelwe ukuzindhla kwenhliziyo yako. 23 Ngokuba ngi ya bona ukuti u senyongweni ebabayo na sesiboshweni sokubi. 24 USimon wa pendula wa ti, Ngi nxuseleni nina eNkosini, ukuze ngi ng'ehlelwa nanye ya lezi zinto enizishiloyo.
25 Ku te ke, se be fakazile be kulumile izwi leNkosi, ba buyela eJerusalem, ba shumayela ivangeli emizaneni emininingi yaba seSamariya.
26 Kepa ingelosi yeNkosi ya kuluma ku Filipu, i ti, Suka, u ye nga seningizimu endhleleni e suka eJerusalem y'ehlela eGaza; i yihlane yona. 27 W'esukake wa hamba: kanti nangu umuntu wa seEtiyopiya; umtenwa, injengele pansi ku ka Kandake, inkosikazi ya seEtiyopiya, o be pezu kwayo yonke ingcebo yayo, owa be fike eJerusalem ukuba a kuleke; 28 wa be e se buya e hlezi enqolaneni yake, e funda umprofeti uIsaya. 29 Wa ti ke uMoya ku Filipu, Sondela, u zihlanganise na le nqolana. 30 UFilipu wa s'e gijimela kuye, wa mu zwa e funda umprofeti uIsaya, wa ti, Imbala u yezwisisa nje loku okufundayo na? 31 Wa ti, Ngi nga ba namandhla kanjani, uma ku ngeko ongiholayo na? Wa ncenga uFilipu ukuba a kwele a hlale naye. 32 Isahlukwanake sombhalo a be si funda ilesi esi ti,

Wa yiswa ekuhlatshweni njengemvu;
Njengemvana i isimungulu pambi kwomgundi wayo.
Ku njalo ka vulanga umlomo wake:
33 Ekutobeni kwake ukwahlulelwa kwake kwa suswa:
Ubani o ya kulanda ngesizukulwane sake?
Ngokuba ku suswa ukupila kwake emhlabeni.

34 Umtenwa wa pendula uFilipu, wa ti, Ngi ya cela, umprofeti u kuluma loku ngobani na? u zisho yena, noma u sho omunye yini? 35 UFilipu wa vula umlomo wake, wa qala ku lo mbhalo, wa shumayela kuye ngoJesu. 36 Ku te ke be sa hamba endhleleni, ba fika emanzini atile; umtenwa wa ti, Nanka amanzi; ku nqaba ntoni ukuba ngi nga bapatizwa na?*

* Kwezinye izincwadi ezindala ku kona v. 37: Wa ti uFilipu. Uma u kolwa ngenhliziyo yonke ku ng'enzeka. Wa pendula wa ti, ngi ya kolwa ukuti uJesu Kristu u yiNdodana ka Nkulunkulu.

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku penduka uSaule. U sizwa uAnaniya. U baleka eDamaseku.

38 Wa yala ukuba inqolana i me: b'ehlela bobabili emanzini, uFilipu nomtenwa; wa wu bapatiza. 39 Se be kupukile emanzini, uMoya we-Nkosi wa m hlwita uFilipu; umtenwa a wa be u sa m bona, ngoba wa hamba ngendhlela yawo u tokoza. 40 Kepa uFilipu wa funyanwa eAzotu; wa hambahamba e shumayela ivangeli kuyo yonke imizi, wa za wa fika eKesariya.

9 Kepa uSaule, e sa futa ngokucupisa nokubulala abafundi be-Nkosi, wa ya ku mpristi omkulu, 2 wa cela kuye izincwadi zokuya eDamaseku emasinagogeni, okokuba nxa e fumana aba le Ndhlela isilisa nesifazana, a ba yise eJerusalem be boshiwe. 3 Kwa ti e sa hamba, wa sondela eDamaseku: wa badanywa e nyampuzelwa inxa zonke ukukanya oku vela ezulwini: 4 wa wa pansi w'ezwa izwi li ti kuye, Saule, Saule, u ngi zingelelani na? 5 Wa ti, U ngubani, Nkosi? Ya ti, Ngi nguJesu omzingelayo: 6 kepa vuka, u ngene emzini, u ya kutshelwake loko o melwe ukukwenza. 7 Abantu aba be hamba naye b'ema, a ba ti nda, bezwa izwi, kodwa be nga boni muntu. 8 USaule wa vuka pansi; kwa t'uba a vuleke amehlo ake, ka z'a bona luto; ba m hola ngesandhla, ba m ngenisa eDamaseku. 9 Izinsuku za ba ntatu e nga boni, a ka z'a dhla a ka z'a puza.

10 Kwa ku kona eDamaseku umfundi otile, igama lake nguAnaniya; iNkosi ya ti kuye ngombono, Ananiya. Wa ti, Ngi kona Nkosi. 11 INkosi ya ti kuye, Suka, u ye esitaladini oku tiwa Siqondile, u buze endhlini ka Judasi umuntu igama lake uSaule wa seTarsu: ngokuba nango u ya tandaza; 12 u bonile umuntu igama lake uAnaniya e ngena, e beka izandhla pezu kwake, ukuba a buye a bone. 13 Kepa uAnaniya wa pendula wa ti, Nkosi, ngi zwile kwabaningi nga lo muntu, ukuti ku ngakanani okubi a kwenzile kwabangcwele bako eJerusalem: 14 na lapa u namandhla a wa nikwa abapristi abakulu okubopa bonke aba teta igama lako. 15 Kepa iNkosi ya ti kuye, Hamba: ngokuba lo u isitsha esiketiweyo kimi sokupata igama lami pambi kwabezizwe namakosi, naba kwa Israeli: 16 ngokuba ngi za kumbonisa ukuti ku ngakanani a melwe ukuhlushwa ngako ngenxa yegama lami. 17 Wa hambake uAnaniya, wa ngena endhlini; wa beka izandhla pezu kwake wa ti, Saule Mfo wetu, iNkosi, uJesu, e bonakale kuwe endhleleni oze ngayo, i ngi tumile ukuze u buye u bone, u gcwale uMoya oNgcwele. 18 Kwa se ku wa masinyane emehlweni ake kwangati inkwetu, wa buya wa bonake; w'esuka wa bapatizwa; 19 wa t'uba a dhle wa qina.

Kwa ba izinsuku ezitile e ku bafundi aba be seDamaseku. 20 Wa se e shumayela uJesu emasinagogeni ukuti u iNdodana ka Nkulunkulu. 21 Ba nkema bonke abamuzwayo, ba ti, a siye yini lo owa e dhlavuza eJerusalem aba teta leli gama na? u babele loko na lapa, ukuba a ba yise be boshiwe ku bapristi abakulu. 22 Kepa kwa ba ima e kula emandhleni uSaule wa sanganisa abaJuda abakileyo eDamaseku, e bonakalisa ukuti lo u nguye uKristu.

23 Se ku dhlule izinsuku eziningi, abaJuda b'enza isigungu sokuba ba m bulale: 24 kepa isigungu sabo s'aziwa uSaule. Ba hlomela emasangweni imini nobusuku ukuze ba m bulale: 25 kepa abafundi bake ba m tabata ebusuku, ba m ehlisa odongeni, be m hululukisa e ku nyazi.

26 Wa t'uba a fike eJerusalem, wa linga ukuzihlanganisa nabafundi: kepa ba m esaba bonke, be nga kolwa ukuba u ngumfundi. 27 Kepa uBarnaba wa m tabata, wa m yisa ku bapostoli, wa ba balisela ngokubona kwake iNkosi endhleleni, nokuti i kulume kuye, nokuti eDamaseku wa shumayela ngesibindi ngegama li ka Jesu. 28 Wa ba nabo eJerusalem e ngena e puma, 29 e shumayela ngesibindi ngegama leNkosi: wa kuluma e pikisana nabaJuda aba lingisa amaGreki; kepa ba be zama ukumbulala.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku piliswa uEneya be noDorkas. Indaba ka Korneliyo.

30 Abazalwane se be kwazi loko, ba
m ehlisela eKesariya, ba m tuma a
ye eTarsu.

31 Njaloke ibandhla kulo lonke la
seJudiya na seGalile na seSamariya
la ba nokutula, l'akeka; la hamba ngo-
kwesaba iNkosi na ngenduduzo ka
Moya oNgcwele l'andiswa.

32 Kwa ti uPetro e hambahamba
ezindaweni zonke, w'ehlela na kwa-
bangcwele ab'ake eLida. 33 Wa fu-
mana kona umuntu otile igama lake
uEneya, owa be e lele okukweni imi-
nyaka e isishiyangalombili; ngoba e
fe uhlangoti. 34 UPetro wa ti kuye,
Eneya, UJesu Kristu u ya ku pulukis-
sa: vuka, u z'endhlalele ukuko lwako.
Wa se e vuka masinyane. 35 Ba
m bona bonke ab'ake eLida na se-
Sharon, ba pendukela eNkosini.

36 Kwa ku kona eJopa umfundi-
kazi otile igama lake nguTabita, oku
tiwa ngokukumshwa uDorkas: lowo
wa e gcwele imisebenzi elungileyo ne-
zipo zesisa a e z'enza. 37 Kwa ti
nga lezo zinsuku wa hlatshwa isifo,
wa fa: se be m gezile, ba m beka
ekamelweni eli pezulu. 38 Loku
iLida la li seduze neJopa, abafundi
se be zwile ukuti uPetro u kona, ba
tuma kuye abantu ababili, be m
ncenga, ba ti, U nga libali ukuza
kitina. 39 W'esukake uPetro, wa
hamba nabo. E se fikile, ba m yisa
ekamelweni eli pezulu: b'ema nga
kuye abafelokazi bonke be kala, ba
m bonisa amabantshi nezingubo eze-
nziwe uDorkas, e se nabo. 40 Kepa
uPetro wa ba kipela pandhle bonke,
wa guqa pansi, wa tandaza; wa pe-
ndukela esidunjini, wa ti, Tabita,
vuka. Wa vula amehlo ake; wa
t'ukubona uPetro, wa vuka wa hlala.
41 Wa m nika isandhla, wa m paka-
misa; wa biza abangcwele nabafelo-
kazi, wa m beka pambi kwabo ezwa.
42 Kw'aziwa loko kulo lonke iJopa:
abaningi ba kolwa eNkosini. 43 Wa
hlalake eJopa izinsuku eziningi ku
Simon umshuki.

10 Kwa ku kona eKesariya umu-
ntu otile, igama lake uKorneliyo,
e induna yekulu yebuto eli tiwa ela
seItali, 2 e ngumuntu oqoto, now'e-
saba uNkulunkulu kanye nayo yonke
indhlu yake, owa e pa abantu kakulu
okwesisa, wa nxusa ku Nkulunkulu
njalonjalo. 3 Wa bona embonweni
ngokusobala kungati ngehora lesishi-
yangalolunye lemini, ingelosi ka Nku-
lunkulu i ngena kuye, i ti kuye,
Korneliyo. 4 Wa yi ti ngqa w'esaba
wa ti, Kwenzenjani, Nkosi? Ya ti
kuye, Imitandazo yako nokupana
kwako kwenyukile ku be isikumbuzo
pambi ku ka Nkulunkulu. 5 A ke
u tume kaloku abantu ba ye eJopa, u
lande otile uSimon, ogama limbe ngu-
Petro: 6 u ngenisile kotile uSimon
umshuki, ondhlu yake i nga selwa-
ndhle. 7 I si mukile ingelosi e bi
kuluma kuye, wa biza izisebenzi zake
ezibili za sendhlini, nebuto eliqoto
kulawo a hlala naye ngesineke: 8 se
e ba landisile konke, wa ba tuma
eJopa.

9 Ngangomsoke, be sa hamba, be
sondela emzini, uPetro w'enyukela
pezu kwendhlu ukuba a tandaze, ku-
ngati ngehora lesitupa: 10 wa lamba
kakulu, wa ngati a nga ti mpuya: ke-
pa be sa lungisa, w'ehlelwa isiyezi; 11
wa bona izulu li vulekile, kwehla isi-
tsha esitile kwangati indwangu enku-
lu, yehliselwa emhlabeni ngamacopo
amane: 12 okwa ku kona pakati kwa-
yo izilwane zonke ezi nezinyawo ezine
nezinto ezihuquzelayo zomhlaba ne-
zinyoni zezulu. 13 Kwa fika kuye
izwi li ti, Vuka, Petro: hlaba u dhle.
14 Kepa uPetro wa ti, Ai, Nkosi;
ngoba a ngi zanga ngi dhle into e nge
ngcwele nengcolileyo. 15 Izwi la
buya la fika kuye ngokwesibili, li ti,
Loko oku hlanjululwe uNkulunkulu
u nga ku shayi oku nge ngcwele wena.
16 Loko kw'enzeka katatu: isitsha sa
se si kushulelwa ezulwini.

17 UPetro e sa sambatekile ngo-
kuti nga ku be u tini lowo mbono
awubonileyo, nampa abantu aba be
tunywa uKorneliyo, se be buze indhlu
ka Simon, b'ema esangweni, 18 ba
memeza ba buza ukuti uSimon oga-
ma limbe nguPetro u ngenisile yini
lapo. 19 UPetro e sa zindhla ngo-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UPetro emzini ka Korneliyo.

mbono, uMoya wa ti kuye, Nampa abantu abatatu be ku funa. 20 A ke u suke, w'ehle, u hambe nabo, u nga ngabazi luto: ngoba ba tunywe yimi. 21 UPetro wa s'ehlela ku labo bantu, wa ti, Bhekani, yimina enimfunayo: ni babeleni? 22 Ba ti, UKorneliyo induna yekulu, umuntu olungileyo nowesaba uNkulunkulu, o ncomeka ngokuhle isizwe sonke saba-Juda, wa yalwa ingelosi engcwele ukuba a ku lande u ze endhlini yake, ezwe amazwi kuwe. 23 Ngakoke wa ba bizela pakati ukuba ba ngenise.

Ngangomso w'esuka wa hamba nabo, wa pelekezelwa abatile ku bazalwane ba seJopa. 24 Ngangomso ba ngena eKesariya. UKorneliyo wa e ba lindile, se e memile aba kubo nezihlobo zake ezikulu. 25 Kwa t'uba ku ngene uPetro, uKorneliyo wa m hlangabeza, wa wa ezinyaweni zake, wa kuleka kuye. 26 Kepa uPetro wa m vusa, e ti, Sukuma; nami ngi ngumuntu nje. 27 Wa ngena, e sa kuluma naye, wa fumana abaningi be butene: 28 wa ti kubo, Ni y'azi ukuti ku icilo ukuba umuntu o,ngumJuda a zihlanganise nokuba eze kowesinye isizwe; kepa uNkulunkulu u ngi bonisile mina ukuba ngi nga bizi muntu ngokuti ka ngcwele nokuba u ngcolile; 29 nga lokoke se ngi landiwe ngi ze ngi ng'alanga. Ngi ya buzake ni ngi landele ntoni na? 30 Wa ti uKorneliyo, Se ku izinsuku ezine nga lona leli hora nga ngi gcina ihora lesishiyangalolunye lokutandaza endhlini yami; bheka, kw'ema umuntu pambi kwami e nengubo e makwezikwezi, 31 wa ti, Korneliyo, u zwakele umtandazo wako, ukupana kwako kwesisa ku kunjuliwe pambi ku ka Nkulunkulu. 32 Tumelake eJopa, u bize uSimon o gama limbe ngu-Petro; u ngenisile endhlini ka Simon umshuki, nga selwandhle. 33 Ngakoke ngi sheshe nga tumela kuwe; w'enze kahle wena ngokufika. Kalokuke se si kona sonke pambi ku ka Nkulunkulu, ukuba si zwe konke o ku yalelwe iNkosi. 34 UPetro wa s'e vula umlomo wake, wa ti.

Behlelwa uMoya oNgcwele.

Nembala ngi ya bona ukuba uNkulunkulu ka keti buso ba muntu: 35 kodwa ezizweni zonke omesabayo, nowenza ukulunga, u y'amkeleka kuye. 36 Izwi a li tumela kwaba kwa Israeli, e shumayela izindaba ezinhle zokutula ngoJesu Kristu (u iNkosi yabo bonke yena)—37 lelo lizwi nani ni ya l'azi, eli menyezelwe kulo lonke iJudiya, la qala eGalile, emva kwo-bapatizo alushumayelayo uJohane; 38 lokuti uNkulunkulu wa gcoba uJesu wa seNazareta ngoMoya oNgcwele na ngamandhla: owa hambahamba enza okuhle, e pulukisa bonke aba be kahlwa umhlebi; ngokuba uNkulunkulu wa be naye. 39 Tina si ngofakazi bako konke akwenzayo ezweni labaJuda na seJerusalem; abambulalayo, be m panyeka emtini. 40 Lowo uNkulunkulu wa m vusa ngosuku lwesitatu, wa m nika ukuba a bonakale, 41 ku nge ku bantu bonke, ku kofakazi aba be ketwe uNkulunkulu ngapambili, tina esa dhla sa puza naye emva kwokuvuka kwake kwabafileyo. 42 Wa si yala ukuba si shumayele ku bantu, si fakaze ukuti nguyena o miswe uNkulunkulu a be uMahluli wabapilayo nabafileyo. 43 Abaprofeti bonke ba fakaza ngaye ukuti ngegama lake bonke aba kolwa uye ba ya kwamkeliswa ukutetelelwa kwezono.

44 Ku te uPetro e sa shumayela lawa mazwi, b'ehlelwa uMoya oNgcwele bonke abalizwayo izwi. 45 Abokusoka abakolwayo ba labo aba beze noPetro ba nkema ngoba uMoya oNgcwele u telwe e isipo na kwabezizwe. 46 Ngokuba be b'ezwa be kuluma ngezilimi, be sho ubukulu bu ka Nkulunkulu. UPetro wa s'e pendula wa ti, 47 Ku kona yini o nga nqaba namanzi, ukuba laba ba nga bapatizwa abamukele uMoya oNgcwele njengati na? 48 Wa yala ukuba ba bapatizwe ngegama li ka Jesu Kristu. Ba se be m nxusa ukuba a ke a hlale izinsuku ezitile.

11 Abapostoli nabazalwane aba be seJudiya b'ezwake ku tiwa abezizwe nabo ba l'amkeliswe izwi li

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UPetro u landa indaba eJerusalem. Abafundi ba tiwa amaKristu.

ka Nkulunkulu. 2 Kwa t'uba uPetro enyukele eJerusalem, abokusoka ba pikisana naye, 3 be ti, Wa ngena ku bantu aba nga sokile, wa dhla nabo. 4 Kepa uPetro wa tatake, wa ba landisa konke ngokulandelana kwako, e ti, 5 Be ngi semzini wa seJopa, ngi tandaza: ng'ehlelwa isiyezi nga bona umbono, kw'ehla isitsha esitile kungati indwangu enkulu y'ehliswa ezulwini ngamacopo amane; y'ehla ya fika kimi: 6 nga ti ukuba ngi yi ti ngqa, nga qonda, nga bona izilwane zomhlaba ezi nezinyawo ezine nezilo za sendhle nokuhuquzelayo nezinyoni zezulu. 7 Ng'ezwa nezwi li ti kimi, Suka, Petro; u hlabe u dhle. 8 Nga ti ke, Ai, Nkosi: ngokuba a ku zanga ku ngene emlonyeni wami into e nge ngcwele nengcolileyo. 9 Kepa izwi la pendula ngokwesibili li vela ezulwini, li ti, Loko oku hlanjululwe uNkulunkulu u nga ku shayi okunge ngcwele wena. 10 Lokoke kw'enziwa katatu: kwa buya konke kwa kushulelwa ezulwini. 11 Kwa se ku ti nke abantu abatatu b'ema pambi kwendhlu esa si kuyo, be tunyelwe kimi be vela eKesariya. 12 UMoya wa ti ma ngi hambe nabo, ngi nga hlululi luto. Ba ngi pelekezela laba bazalwane aba isitupa; sa ya sa ngena endhlini ya lowo muntu: 13 wa si tshela ukubona kwake ingelosi imi endhlini yake, i ti, Tumela eJopa, u lande uSimon o gama limbe nguPetro; 14 o ya kukuluma kuwe amazwi, o ya kusindiswa ngawo, wena nayo yonke indhlu yako. 15 Ngi sa qa la ukukuluma, b'ehlelwa uMoya oNgcwele, njengati ekuqaleni. 16 Nga kumbulake izwi leNkosi okokuba ya ti, UJohane kambe wa bapatiza ngamanzi; kodwa nina ni ya kubapatizwa ngoMoya oNgcwele. 17 Poke uma uNkulunkulu wa ba pa isipo njeng'a si pa sona nati ekukolweni kwetu iNkosi uJesu Kristu, be ngi ngubanike mina, ukuba ngi vimbele uNkulunkulu na? 18 Ba ti ukuzwa loku ba tula, ba dumisa uNkulunkulu, ba ti, Kantike uNkulunkulu u nike nabezizwe ukupenduka ku be ukupila.

19 Ngakoke labo aba be hlakazekile ngokuhlushwa okwesuka ngoStefano ba hamba ba ze ba fika eFenike, na seKupro, na seAntiyoke, be nga li kulumi ku muntu izwi kuba-Juda kupela. 20 Kepa kwa ku kona abanye kubo, abantu ba seKupro neKurene, aba ti ukufika eAntiyoke, ba kuluma na ku maGreki, be shumayela iNkosi uJesu. 21 Isandhla seNkosi sa si nabo: abaningi se be koliwe ba pendukela eNkosini. 22 Kw'ezwakala umbiko ngabo ezindhlebeni zebandhla ela li seJerusalem: la tuma uBarnaba ukuba a ze a fike eAntiyoke: 23 owa ti ukufika a bone umusa ka Nkulunkulu wa tokoza; wa ba vuselela bonke ukuba ba namatele eNkosini ngokuzondelela kwenhliziyo: 24 ngoba wa e ngumuntu olungileyo, e gcwele uMoya oNgcwele nokukolwa: kw'enezezelwa abantu abaningi eNkosini. 25 W'emukake wa ya eTarsu e ya kufuna uSaule; 26 se e m fumene, wa m yisa eAntiyoke. Kwa ti ke kwa ba umnyaka opeleleyo be butana nebandhla, be fundisa abantu abaningi; kwa qala eAntiyoke ukuba abafundi ba tiwe amaKristu.

27 Nga lezi zinsuku kw'ehlela eAntiyoke abaprofeti be vela eJerusalem. 28 Kwa sukuma omunye kubo igama lake uAgabo, wa bonakalisa ngoMoya ukuti ku za kuba kona indhlala enkulu kulo lonke elakiweyo: ya ba konake emihleni ka Klaudiyo. 29 Abafundi ba zimisela, ku be ilowo njengamandhla umuntu a nawo ukuba ba tume ba ba size abazalwane ab'ake eJudiya: 30 ba kwenzake, ba tumela emalungeni ngesandhla si ka Barnaba no Saule.

12 Nga leso sikatike uHerode inkosi w'elula izandhla ukuba a pate kabi abatile bebandhla. 2 Wa bulala ngenkemba uJakobe umfo wabo ka Johane. 3 Wa ti ukubona ukuti loko ku hlaba umxwele aba-Juda, wa buya wa tabata noPetro. Kwa ku izinsuku zesinkwa esi nge na mvubelo. 4 Wa m bamba qede, wa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

m faka etilongweni, wa m nikela ezigabeni ezine zamabuto ngamane ukuba zi m linde; e hlose ukumkipela ebantwini emva kwePasika. 5 Ngakoke uPetro wa gcinwa etilongweni: kepa ibandhla la m tandazela ku Nkulunkulu ngokucopelela okukulu. 6 Lapo uHerode e be se za kumkipa, nga lobo busuku uPetro wa e lele pakati kwamabuto amabili, e boshwe ngamaketanga amabili: abalindi be pambi kwomnyango ba linda itilongo. 7 Nansike ingelosi yeNkosi i mi kuye, kwa kanya ukukanya endhlini: ya m shaya uPetro ohlangotini, ya m vusa, i ti, Sukuma masinya. Kwa wa ke amaketanga ake ezandhleni. 8 Ingelosi ya ti kuye, Binca, u bope izicatulo zako. W'enze njaloke. Ya ti kuye, Y'embata ingubo yako, u ngi landele. 9 Wa puma wa landela: e ng'azi ukuba ku iqiniso okwenziwa ingelosi, wa e ti u bona umbono. 10 Se be dhlule abalindi bokuqala nabesibili, ba fika esangweni lensimbi eli ya emzini; la ba vulekela ngokwalo: ba puma, ba dhlula isitaladi sa sinye; ya se i suka ingelosi ya m shiya. 11 Kwa t'uba ku se kuye uPetro, wa ti, Kaloku se ngi y'azi ngeqiniso ukuti iNkosi i tumile ingelosi yayo, ya ng'opula esandhleni si ka Herode, na kuko konke oku bhekwe abantu ba kwa Juda. 12 Wa ti, e se qonde loko wa ya endhlini ka Mariya, unina ka Johane, o gama limbe nguMarko, lapo kwa ku butene kona abaningi, be tandaza. 13 Kwa t'uba a ngqongqote esivalweni sesango, kw'eza kusabela intombazana, igama layo nguRoda. 14 Ya t'ukuba i l'azi izwi li ka Petro, a i vulanga isango ngenxa yokutokoza, ya gijimela pakati, ya bika ukuti uPetro u mi pambi kwesango. 15 Ba ti kuye, U ya hlanya. Ya gabela, ya ti ku njalo. Ba ti ke, Yingelosi yake. 16 Kodwa uPetro wa ngqongqota njalo: ba ti ukuvula, ba m bona, ba nkema. 17 Kepa wa ba hebeza ngesandhla ukuba ba tule, wa ba landisa ukukishwa kwake iNkosi etilongweni. Wa ti, Ni ze ni ba tshele loku oJakobe nabazalwane. W'emuka, wa ya kwenye indawo. 18 Kwa ti ukuba ku se, kwa ba kona ubutatata obukulu pakati kwamabuto bokuti kazi uPetro u ye ngapi. 19 Ku te ke uHerode e se m fune, e nga m fumanisi, wa hlola abalindi, wa ti ma ba bulawe. W'ehla eJudiya wa ya eKesariya, wa hlala kona.

20 Wa e tukutele e qataza ngaba seTire neSidon: kepa b'eza kuye nganhliziyonye, se be m vumisile uBlasto induna yendhlu yenkosi, ba cela ukutula, ngokuba izwe la kubo be l'ondhliwa ngelenkosi. 21 Ngosuku olumisiweyo uHerode w'embata ingubo yobukosi, wa hlala esihlalweni sobukosi, w'enza inkulumo kubo. 22 Abantu ba memeza, be ti, Izwi l'o unkulunkulu, a silo elomuntu. 23 Kwa ti masinyane ingelosi yeNkosi ya m shaya, ngenxa yokuba e nga m nikanga uNkulunkulu udumo: wa dhliwa izimpetu, wa puma umoya wake.

24 Kepa izwi li ka Nkulunkulu la kula l'anda.

25 UBarnaba noSaule ba buya eJerusalem, se be fezile inkonzo yabo, se be hamba noJohane o gama limbe nguMarko.

13 Kwa ku kona eAntiyoke ebandhleni ela li lapo, abaprofeti nabafundisi, uBarnaba, noSimeon o tiwa uNigere, noLukiyo wa seKurene, noManayen ow'ondhliwa kanye noHerode inkosi yesifunda, noSaule. 2 Be sa konza iNkosi, be zila ukudhla, uMoya oNgcwele wa ti, Ng'ahlukaniseleni uBarnaba noSaule ba ye emsebenzini engi ba bizele wona. 3 Se be zile ukudhlake ba tandaza ba beka izandhla pezu kwabo, ba ba mukisa.

4 Ngakoke, be tunyiwe uMoya oNgcwele, b'ehlela eSelukiya; b'esuka lapo ngomkumbi ba ya eKupro. 5 Ba t'uba ba fike eSalamis, ba memezela izwi li ka Nkulunkulu emasinagogeni abaJuda: ba be noJohane e isikonzi sabo. 6 Se be dabule isiqingi sonke ba za ba fika ePafo, ba fumana isanusi esitile, umprofeti wamanga, umJuda, ogama lake li nguBar-Jesu; 7 owa e kona ku Sergiyo Paulos, umbusi wezwe, umu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ntu oqondileyo. Lowoke wa biza uBarnaba noSaule, wa funa ukuzwa izwi li ka Nkulunkulu. 8 Kodwa uEluma isanusi (li njalo igama lake ngokukumushwa) wa melana nabo, e funa ukupambukisa umbusi ekukolweni. 9 Kepa uSaule, o nguPaule, e gcwele uMoya oNgcwele, wa mu ti njo, 10 wa ti, Wena o gcwele ubuqili bonke nobukelengu bonke, ndodana yomhlebi, wena sita sokulunga konke, a u yi kuyeka na ukupambukisa izindhlela zeNkosi ezi te ntse? 11 Bhekake kaloku, isandhla seNkosi si pezu kwako, u za kuba impumpute, u nga li boni ilanga isikati. Kwa se ku m ehlela masinyane inkungu nobumnyama; wa mpayiza e funa abokumhola ngesandhla. 12 Konake umbusi, se e bone okwenzekileyo, wa kolwa, e shaqeka ngemfundiso yeNkosi.

13 Wa ti ke uPaule naba be naye b'emuka e Pafo ngomkumbi, ba ya ePerga la sePamfiliya: uJohane wa s'e muka kubo wa buyela eJerusalem. 14 Kepa bona b'esuka ePerga, ba qubeka ba fika eAntiyoke la se Pisidiya; ba ngena esinagogeni ngosuku lwesabata, ba hlala pansi. 15 Se ku fundwe umteto nabaprofeti abapati besinagogo ba tumela kubo, ba ti, Bazalwane, uma ni nezwi lokulaya abantu, li ponseni. 16 Wa sukuma uPaule, wa qweba ngesandhla wa ti,

Madoda a kwa Israeli, nani en'esaba uNkulunkulu, lalelani: 17 UNkulunkulu wa laba bantu uIsraeli wa kèta okoko, wa pakamisa abantu be sa te gozololo ezweni la seGipite, wa ba kipa kulo ngengalo epakemeyo. 18 Kwa ba isikati seminyaka e mashumi amane e ba twala ehlane e nesilondolozo. 19 Se e wisile izizwe ezi isikombisa ezweni la kwa Kanan, wa ba pa izwe lazo li be ifa, kwa ba iminyaka e ngamakulu amane namashumi a isihlanu: 20 ngasemva kwa loko wa ba nika abahluli kwa za kwa ba uSamuweli umprofeti. 21 Ngemvake ba cela inkosi: uNkulunkulu wa ba nika uSaule ka Kishe, umuntu wesizwe sa kwa Benjamin, iminyaka ya ba amashumi amane. 22 E se m gudhluzile, wa ba vezela uDavida a be inkosi yabo; amfakazelayo wa ti, Ngi m fumene uDavida ka Yese, umuntu o ngowenhliziyo yami, o ya kwenza yonke intando yami. 23 Enzalweni ya lo muntu uNkulunkulu u letele uIsraeli uMsindisi, uJesu ngokwesitembiso; 24 uJohane e se shumayele kuqala ku bantu bonke ba kwa Israeli ubapatizo lokupenduka, e nga ka fiki yena. 25 Wa ti uJohane e qedela uhambo lwake, Ni cabanga ni ti ngi ngubani na? A ngi si uye. Kodwa bhekani, ku y'eza emva kwami yena ozicatulo zezinyawo zake a ngi fanele ukuzitukulula. 26 Bazalwane, bantwana bohlanga lu ka Abraham, nabo bonke pakati kwenu ab'esaba uNkulunkulu, izwi la lolu sindiso li tunyelwa kitina. 27 Ngoba ab'ake eJerusalem, nababusi babo, be nga m azi yena, namazwi abaprofeti a fundwa amasabata nga masabata, ba wa gcwalisa ngokumlahla. 28 Noma be nga fumananga icala lokuba a fe, ba cela ku Pilatu ukuba a bulawe. 29 Se be pelelise konke okwa ku lotshwe ngaye, ba m ehlisa emtini, ba m beka etuneni. 30 Kepa uNkulunkulu wa m vusa kwabafileyo: 31 wa bonwa izinsuku eziningi ilabo ab'enyukela naye eJerusalem be vela eGalile, a se be ngofakazi bake ku bantu. 32 Tinake si ya ni shumayeza izindaba ezinhle zesitembiso es'enziwa kokoko, 33 ukuti uNkulunkulu u si gcwalisile sona ku bantwana betu ngokuvusa uJesu; na njengokulotshiweyo ehubweni lesibili kokuti, U yiNdodana yami wena, namhla ngi ku zele. 34 Mayelana nokumvusa kwake kwabafileyo, e nga sez'ukubuyela ekuboleni, u kulume ngokuti, Ngo ni nika izibusiso ezingcwele neziqinisekileyo zi ka Davida. 35 Ngokuba u ti na kwelinye, A u yi kunika oNgcwele wako a bone ukubola. 36 Ngoba uDavida, e se konze esizukulwaneni sake icebo li ka Nkulunkulu, wa lala ubutongo, wa bekwa kokoko bake, wa bona ukubola: 37 kepa yena owa vuswa uNkulunkulu ka bonanga ukubola.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba pendukela kwabezizwe. Aba seLustra ba ya ba hlabela.

38 Ngakoke ma kwazeke kini, bazalwane, ukuba nga lowo ku menyezelwa kini ukutetelelwa kwezono: **39** futi konke ebe ni nge na kutetwa kuko ngomteto ka Moses, ngaye wonke okolwayo u ya tetwa kuko. **40** Xwayanike, funa n'ehlelwe iloko okwa kulunywa ngabaprofeti ukuti:

41 Bhekani, nina badelelayo, ni mangale, ni nyamalale;
Ngoba ngi sebenza umsebenzi emihleni yenu,
Umsebenzi eni nga yi kuwukolwa, noma umuntu e ni balisela ngawo.

42 Ku te ekupumeni kwabo ba ncenga ukuba la mazwi a kulunywe kubo ngesabata elizayo. **43** Inhlangano yesinagoge i si hlakazekile, abaningi ku baJuda naba ngene ebuJudeni abaqoto ba landela uPaule, noBarnaba; aba ti be kuluma nabo ba ba ncasa ukuba ba hlale emuseni ka Nkulunkulu.

44 Ngesabata elilandelayo kwa cishu kwa butana umuzi wonke ukuzwa izwi li ka Nkulunkulu. **45** Kepa abaJuda ba t'ukubona izixuku, ba gcwala umona, ba pika loko okwa kulunywa uPaule, ba hlambalaza. **46** Kona uPaule, no Barnaba ba kuluma ngesibindi, ba ti, Be ku dingeka ukuba izwi li ka Nkulunkulu li kulunywe kinina kuqala. Loku ni li ciliza, ni z'ahlulela ni ti a ni fanele ukupila okumiyo njalo, bhekani, se si pendukele kwabezizwe. **47** Ngokuba iNkosi i si yale kanjalo, i ti,

Ngi ku bekile u be ukukanya kwabezizwe,
Ukuze u be ngowosindiso ku ze ku be semkaulweni womhlaba.

48 Abezizwe ba t'ukuzwa loku, ba tokoza, ba dumisa izwi li ka Nkulunkulu: kwa kolwa labo aba be miselwa ukupila okumiyo njalo. **49** Izwi leNkosi la hanjiswake kulo lonke izwe la kona. **50** Kepa abaJuda ba gqugquza abesifazana abaqoto abanezitunzi, nabakulu bomuzi, ba vusela uPaule noBarnaba ukuzingelwa, ba ba kipela ngapandhle kwemikaulo yabo. **51** Kepa ba ba vutululela utuli lwezinyawo zabo, ba ya eIkoniyo. **52** Abafundi ba gcwala intokozo noMoya oNgcwele.

14 Kwa ti eIkoniyo ba ngena kanyekanye esinagogeni yabaJuda, ba kuluma kwa ze kwa kolwa isiqumbi esikulu sabaJuda namaGreki. **2** Kepa abaJuda abangalaleliyo ba vusa abezizwe, ba b'enza inhliziyombi nga ku bazalwane. **3** Ngakoke ba hlala kona isikati eside be kuluma ngesibindi ngeNkosi, eya fakazela izwi lomusa wayo, ya ba nika ukuba kwenziwe izibonakaliso nezimangaliso ngezandhla zabo. **4** Kepa isiqumbi somuzi s'ahlukana; abanye ba ba nga ku baJuda, abanye nga ku bapostoli. **5** Kwa t'uba ba dunyelwe abezizwe nabaJuda kanye nababusi babo ukubapata kabi nokubakanda ngamatshe, **6** se be kwazi loko, ba balekela emizini ya seLikawoniya, neLustra neDerbe, na sezweni la nga kona: **7** ba shumayela kona ivangeli.

8 Kwa ku hlezi eLustra umuntu o yinyoka ngezinyawo zake, e isishosha kwa sesiswini si ka nina, e nga zanga a hambe. **9** Lowoke w'ezwa uPaule, e kuluma: owa mu ti njo, e m bona ukuti u nokolo lokuba a sinde, **10** wa ti ngezwi elikulu, Sukuma ngezinyawo zako uti twi. Wa s'e xuma wa hamba. **11** Izixuku se zi bonile okwenziwe uPaule, za nqonqoloza, zi kuluma ngolwamaLikawoniya zi ti, Onkulunkulu se b'ehlele kitina be fana nabantu. **12** Za qamba uBarnaba, za ti uJupitere; uPaule, za ti, uMerkuri, loku ku uyena omkulu ekukulumeni. **13** Konake umpristi ka Jupitere otempeli lake la li ngapambi kwomuzi, wa leta izinkomo nemigexo yembali emasangweni, e tanda ukubahlabela kanye nezixuku. **14** Kepa abapostoli uBarnaba no Paule, se be ku zwile loko, ba hxebula izingubo zabo, ba ponseka pakati kwesixuku, be memeza **15** be ti, Madoda, nenzelani loku na? Nati si ngabantu nje si fana nani ngemvelo, si ni shumayeza izindaba ezinhle ukuba ni suke ku lezi zinto ezi ize ni pendukele ku Nkulunkulu opilayo, ow'enza izulu

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nomhlaba nolwandhle, nako konke oku kuko: 16 o te ngezizukulwane ezidhlulileyo wa yeka izizwe zonke, zi hambe ngezindhlela zazo. 17 Kepa ka zishiyanga'e nge na fakazi, loku w'enza okuhle, wa ni nika imvula i vela ezulwini neminyaka yenala, wa sutisa izinhliziyo zenu ngokudhla na ngokujaja. 18 Ngokusho loku ba zi nqanda izixuku kalukuni ukuba zi nga ba hlabeli.

19 Kepa kwa fika abaJuda be vela eAntiyoke na seIkoniyo: ba duda izixuku za m kanda ngamatshe uPaule, za m hudulela ngapandhle kwomuzi, zi ti u file. 20 Kodwa abafundi se be m bunganyele, wa vuka, wa ngena emzini: ngangomso w'emuka noBarnaba ba ya eDerbe. 21 Se be shumayele ivangeli ku lowo muzi, b'enze abafundi abaningi, ba buyela eLustra, na seIkoniyo, na seAntiyoke, 22 be qinisa izinhliziyo zabafundi, be ba vuselela ukuba b'eme ekukolweni, be ti, ngezinkatazo eziningi si melwe ukungena embusweni ka Nkulunkulu. 23 Se be ba ketele amalunga emabandhleni ngamabandhla, be tandaze be zila ukudhla, ba ba beka eNkosini aba kolwa iyo. 24 Ba dabula ePisidiya, ba fika ePamfiliya. 25 Se be li kulumile izwi ePerga, b'eukela eAtaliya; 26 b'esuka lapo ba ya eAntiyoke ngomkumbi, lapo ba be nikelwe kona emuseni ka Nkulunkulu ukuya emsebenzini aba be wu fezile. 27 Se be fikile, be bute ibandhla, ba landa konke uNkulunkulu a be kwenzile e nabo, nokuba u vulele abezizwe umnyango wokukolwa. 28 Ba hlala nabafundi isikati esi nge sincane.

15 Kw'ehla abatile be vela eJudiya ba fundisa abazalwane, be ti, Uma ni nga sokwa ngomkuba ka Moses, ni nge sindiswe. 2 Ku te ukuba uPaule no Barnaba ba pambane nabo ba buzane nabo ngoku nge kuncane, kwa miswa ukuba uPaule no-Barnaba nabanye abatile kubo b'enyukele eJerusalem ku bapostoli namalunga nga leyo ndaba. 3 Ngakoke be pelekezelwe ibandhla, ba dabula eFenike na seSamariya, ba balisa ngokuguqulwa kwabezizwe: b'enza intokozo enkulu kubo bonke abazalwane. 4 Se be fikile eJerusalem, b'amkelwa ibandhla nabapostoli namalunga, ba landa konke uNkulunkulu a be kwenzile e nabo. 5 Kepa kw'esuka abatile behlelo labaFarisi abakolwayo, be ti, Ku melwe ukuba ba sokwe, nokuba ba yalwe ukuba ba gcine umteto ka Moses.

6 Kwa butana abapostoli namalunga ukuze ba cinge lolo daba. 7 Se ku kade ku kona ukubuzana okuninginingi, uPetro wa sukuma, wa ti kubo,

Bazalwane, ni y'azi se ku kade uNkulunkulu wa keta pakati kwenu ukuba ngomlomo wami abezizwe ba li zwe izwi levangeli, ba kolwe. 8 UNkulunkulu, oyaziyo inhliziyo, wa ba fakazela, e ba nika uMoya oNgcwele, njengaloku wa si nika nati; 9 ka'hlululanga luto pakati kwetu nabo, e hlambulula izinhliziyo zabo ngokukolwa. 10 Po ni m lingeleni uNkulunkulu ngokubeka ijokwe entanyeni yabafundi aba nga banga namandhla okulitwala okoko nati si nge nawo? 11 Kepa si ya kolwa ukuti si ya kusindiswa ngomusa weNkosi uJesu, ngandhlelanye nabo.

12 Isiqumbi sonke sa tula; ba lalela uBarnaba noPaule, be landa ngezibonakaliso nezimangaliso uNkulunkulu a be z'enzile pakati kwabezizwe ngabo. 13 Ba t'uba ba tule bona, wa pendula uJakobe, wa ti,

Bazalwane, ngi laleleni: 14 uSimeon u landile ukuhanjwa kwabezizwe nguNkulunkulu kuqala, ukuba a tatele igama lake abantu kubo. 15 Namazwi abaprofeti a vumelana na loku; njengokulotshiweyo ukuti,

16 Emva kwa loku ngi ya kubuya,
Ngi ya kwaka futi itabanekele li ka Davida eliwileyo;
Ngi ya kwaka futi izincitakalo zalo,
Ngi li mise:
17 Ukuze abaseleyo babantu ba fune iNkosi,
Nabezizwe bonke, igama lami eli bizwa pezu kwabo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku yiswa incwadi eAntiyoke. **UPaule wahlukana noBarnaba.**

18 I sho iNkosi eyenza ukuba z'aziwe lezi zinto zonke kwa sendulo. **19** Isinqumo samike yilesi, ma si nga ba katazi labo kwabezizwe aba pendukela ku Nkulunkulu; **20** kodwa ma si ba lobele ukuba ba dede kokungcolisayo kwezitombe, nobufebe, nokuhxinyekileyo, negazi. **21** Ngokuba uMoses kwa sezizukulwaneni za sendulo emizini ngemizi u nabo abamshumayelayo, e fundwa emasinagogeni amasabata ngamasabata.

22 Kwa se ku ba kuhle ku bapostoli namalunga, kanye nebandhla lonke, ukuba ku ketwe amadoda pakati kwabo, ba wa tumele eAntiyoke kanye noPaule noBarnaba; uJuda o tiwa uBarsaba, noSilas, abantu abakulu pakati kwabazalwane: **23** ba loba incwadi ya patwa yibo yokuti, Abapostoli namalunga, abazalwane, ba ya bingelela abazalwane aba ngabezizwe eAntiyoke na seSiriya na seKilikiya: **24** Loku si zwile ukuti abatile aba puma kitina ba ni tatazelisa ngamazwi, be pitizisa imipefumulo yenu; esi nga ba yalelanga kona; **25** kwa ba kuhleke kitina, se si nhliziyonye, ukuba si kete amadoda si wa tumele kini kanye no Barnaba noSaule abatandiweyo betu, **26** abantu aba zidele amatambo ngenxa yegama leNkosi yetu uJesu Kristu. **27** Ngakoke se si tumile uJuda noSilas, aba za kunitshela zona lezi zinto ngomlomo. **28** Ngokuba ku be kuhle ku Moya oNgcwele na kitina, ukuba si nga ni twesi umtwalo omkulu kuna lezi zinto ezifanelekileyo: **29** ukuba ni dede koku hlatshelwe izitombe, na segazini, nokuhxinyekileyo, nobufebe; eni za kuti uma ni zigcina ku lezo, ku ni lungele. Salani kahle.

30 Ba ti ke se be mukisiwe, b'ehlela eAntiyoke; se be bute isiqumbi sabakolwayo ba si nika incwadi. **31** Ba ti ukuyifunda, ba tokoza ngenduduzo leyo. **32** Futi uJuda noSilas, be abaprofeti nabo, ba ba vuselela abazalwane ngamazwi amaningi, ba ba qinisa. **33** Se be qede kona isikati, ba se b'emukiswa ngokutula ku bazalwane, ba ya kubo aba be ba tumile.* **35** Kepa uPaule no Barnaba ba hlala eAntiyoke, be fundisa be shumayela izwi leNkosi kanye nabanye abaningi.

36 Emva kwezinsuku ezitile uPaule wa ti ku Barnaba, A si buye kaloku si hambe abazalwane emizini ngemizi e kade si memezela izwi leNkosi kuyo, si bone ukuba ba hlezi kanjani. **37** Kepa uBarnaba wa hlosa ukuba ba tate noJohane o tiwa uMarko. **38** Kodwa uPaule wa ti a ku fanele ukuba ba m tabate lowo owa ba hlamuka ePamfiliya, a ka z'a ya nabo emsebenzini. **39** Njalo kwa vela ukupikisana oku bukali ngangoba b'ahlukana; uBarnaba wa tabata uMarko, wa ya ngomkumbi eKupro: **40** kepa uPaule wa keta uSilas, w'emuka, e nikezelwe abazalwane emuseni ka Nkulunkulu. **41** Wa dabula iSiriya neKilikiya, e qinisa amabandhla.

16 Wa ya wa fika eDerbe na seLustra: bheka kwa ku konake lapo umfundi otile igama lake nguTimote, indodana yowesifazana o ngumJudakazi, o ikolwa; kodwa uyise wa e umGreki. **2** Lowoke wa e nconywa ngokuhle abazalwane aba be seLustra na seIkoniyo. **3** UPaule wa tanda ukuba lowo a pume naye; wa m tata wa m soka ngenxa yabaJuda aba be ku lezo zindawo: ngokuba ba be m azi bonke ukuti uyise ngumGreki. **4** Be sa hamba be dabula imizi, ba ba nika izinqumo eza nqunywa abapostoli namalunga eJerusalem, ukuba ba zi londe. **5** Njaloke amabandhla a simamiseka ekukolweni, anda ngobuningi imihla ngemihla.

6 Ba dabula ela seFrigiya neGalatiya, be nqatshelwa uMoya oNgcwele ukulikuluma izwi eAsiya; **7** ba t'uba ba fike malungana neMisiya, ba linga ukuya eBituniya; kepa uMoya ka Jesu ka ba vumelanga; **8** ba dhlulake eMisiya, b'ehlela eTroas. **9** Kwa ti kwa bonakala ku Paule umbono ebusuku: kw'ema umuntu wa seMakedoniya, e m necenga, e ti, Wela u ze

*Kwamanye amakopi amadala ku kona iverse 34: Kepa kwa ba kuhle ku Silas ukuba a sale kona.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UPaule noSilas ba boshwa eFilipi. Ku kolwa umgcinitilongo.

eMakedoniya, u si size, 10 Kwa t'uba a bone umbono, sa se si funa ukuya eMakedoniya, sa ti iNkosi i si bizile ukuba si ba shumayeze ivangeli.

11 Ngakoke s'emuka eTroas ngomkumbi, sa qonda ngqo eSamothrake, ngangomso s'eza eNeyapoli; 12 s'esuka lapo sa ya eFilipi, umuzi wa seMakedoniya, owokuqala wesifunda, ikoloni lamaRoma: sa ba kona ku lo muzi si hlezi izinsuku ezitile. 13 Kwa ti ngosuku lwesabata sa pumela ngapandhle kwesango nga semfuleni, lapo sa si ti ku kona indawo yokutandaza; sa hlala pansi sa kuluma kwabesifazana aba be butene. 14 Owesifazanake otile igama lake ngu-Lidiya, o tengisa ngezibubende, wa semzini o tiwa iTiyatira, o kuleka ku Nkulunkulu, wa si zwa: onhliziyo yake ya vulwa iNkosi ukuba a qapele okwa kulunywa uPaule. 15 E se bapatiziwe yena nendhlu yake, wa si ncenga e ti, Uma ni ti ngi tembekile eNkosini, a ke ni ngene endhlini yami, ni hlale. Wa si cindezela.

16 Kwa ti ke, si ya endaweni yokutandaza, kwa hlangana nati intombazana e nomlozikazana eya i tolela abaniniyo inzuzo enkulu ngokubhula. 17 Yona ya landela uPaule nati i memeza i ti, Laba bantu ba izinceku zi ka Nkulunkulu oPezu Konke, aba memezela kini indhlela yokusindiswa. 18 Ya kwenza loku izinsuku eziningi. Kepa uPaule e se casukile, wa penduka wa ti ku moya, Ngi ya ku yala ngegama li ka Jesu Kristu ukuba u pume kuye. Wa s'e puma nga sona leso sikati.

19 Ba ti abaniniyo ukubona ukuba itemba lenzuzo yabo li mukile, ba bamba uPaule noSilas, ba ba hudulela endaweni yokubutana pambi kwababusi, 20 se be ba yise kuzo izimantshi, ba ti, Laba bantu ba kataza kakulu umuzi wa kiti, be ngabaJuda, 21 ba memezela imikuba oku nga vumekile kitina ukuba si y'amkele, si y'enze si ngamaRoma. 22 Isixuku sa ba hlanganyela: izimantshi za hlubula izingubo zabo, za yala ukuba ba shaywe ngezinduku. 23 Za ti se zi ba fake imivimbo eminingi, za ba ponsa etilongweni, za yala umgcini weziboshwa a ba qinise a ba gcine: 24 yenake e yaliwe ngokunjalo, wa ba ponsa etilongweni eli pakati wa bopisisa izinyawo zabo ezingongolweni. 25 Kepa pakati kwobusuku uPaule noSilas ba be tandaza be hlabelela amagama ku Nkulunkulu, iziboshwa za zi ba lalela; 26 kwa se ku ba kona ngesigubukana ukuzamazama kwomhlaba okukulu, kwa nyakaziswa izisekelo zendhlu yeziboshwa: kwa vuleka iminyango yonke masinyane; kwa tukuluka izibopo zabo bonke. 27 Umgcini weziboshwa, wa papama wa bona iminyango yetilongo i vulekile, wa hosha inkemba wa e se za kuzibulala, e ti iziboshwa z'eqile. 28 Kepa uPaule wa memeza ngezwi elikulu, e ti, U nga zilimazi: si kona sonke. 29 Wa biza izibani wa ponseka pakati, e tutumela, wa wa pansi pambi ku ka Paule noSilas, 30 wa ba pumesa wa ti, Makosi, ngi melwe ukwenzani, ukuba ngi sindiswe na? 31 Ba ti, Kolwa iNkosi uJesu u ya kusindiswake, wena nendhlu yako. 32 Ba kuluma kuye izwi leNkosi, na kubo bonke aba be sendhlini yake. 33 Wa ba tabata nga sona leso sikati sobusuku, wa ba geza imivimbo; wa bapatizwa masinyane, yena nabo bonke abake. 34 Wa b'enyusela endhlini yake, wa ba bekela ukudhla, w'etaba nabo bonke abendhlu yake, e kolwa uNkulunkulu.

35 Se ku sile, izimantshi za tuma amapolisa za ti, Ba kulule labo bantu. 36 Umgcini weziboshwa wa tshela uPaule lawo mazwi, e ti, Izimantshi zi tumile ukuba ni kululwe: ngakoke pumani kaloku, ni hambe kahle. 37 Kepa uPaule wa ti kuwo, Zi si shayile obala, si nga lahliwe icala, si ngabantu aba ngamaRoma, za si ponsa etilongweni; kaloku se zi si kipa ngasese na? Ai; a ku ze zona, zi si pumese. 38 Amapolisa a bikela izimantshi la mazwi: z'esaba se zi zwa ukuti ba ngamaRoma; 39 njaloke z'eza za ba ncenga; se zi ba pumisile,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

za ba cela ukuba ba muke emzini. 40 Ba pumake etilongweni, ba ngena kwa Lidiya: se be bone abazalwane, ba ba vuselela, b'emuka.

17 Se be dabulile iAmfipoli ne-Apoloniya, ba fika eTesalonika, lapo kwa ku kona isinagoge yabaJuda: 2 uPaule njengokujwayela kwake, wa ngena kubo, wa xoxa nabo amasabata amatatu e tatela emibhalweni, 3 e ba vulela e ba casisela ukuti kwa be ku dingeka ukuba uKristu a hlupeke, a buye a vuke kwabafileyo; nokuti uJesu lo engi m memezela kini u nguKristu. 4 Abanye kubo ba vuma, b'elekelana noPaule noSilas; nesiqumbi esikulu samaGreki aqoto, nabesifazana abakulu aba nge siyo ingcozana. 5 Kepa abaJuda ba ba nomona, ba tabata abantu abatile aba amabukudwane aba uyaba, ba buta isixuku ba xokozelisa umuzi; ba hlasela endhlini ka Jason, ba funa ukubayisa ku bantu. 6 Ba t'ukuba ba nga ba fumani, ba hudula uJason nabazalwane abatile ba ya nabo ku bapati bomuzi, ba memeza be ti, Laba aba yaluzisa izwe se be fikile na lapa; 7 b'amkelwe uJason: bonke laba b'enza oku pambene nezimiso zi ka Kesari, be ti ku kona enye inkosi uJesu. 8 Ba tatazelisa isixuku nabapati bomuzi, se bezwa loko. 9 Ba tabatake isibambiso ku Jason na kwabanye, ba ba kulula.

10 Abazalwane ba shesha ba hambisa uPaule no Silas ebusuku ba ye eBereya: se be fikile kona ba ngena esinagogeni yabaJuda. 11 Laboke ba be zotile kuna labo aba seTesalonika, ngokuba ba l'amkela izwi ngokuzondelela konke kwenhliziyo, ba hlolisisa imibhalo imihla ngemihla, ukubona ukuti lezi zinto zi njalo yini. 12 Ngakoke abaningi kubo ba kolwa; nabesifazana aba nesitunzi aba ngamaGreki, namadoda a nge siyo ingcozana. 13 Kepa abaJuda ba seTesalonika se b'ezwile ukuti izwi li ka Nkulunkulu li menyezelwa uPaule na seBereya, b'eza na kona be nyakazisa be tatazelisa izixuku. 14 Abazalwane ba se be shesha ba hambisa uPaule ukuba a ye a fike elwandhle: kodwa uSilas noTimote ba hlala kona. 15 Labo aba be kapa uPaule ba ya ba ba m beka eAtene: se be yalezwe ku Silas noTimote ukuba b'eze kuye ngokushesha, b'emuka.

16 Kwa ti uPaule e sa ba linde eAtene, umoya wake wa cunuka pakati kwake e bona umuzi u gcwele izitombe. 17 Ngakoke wa xoxa nabaJuda nabantu abaqoto esinagogeni, na sendaweni yokubutana imihla ngemihla naba suke be kona. 18 Nabatile ku baEpikuro na ku maStoyiko aba izitandakuhlakanipa ba hlangabezana naye. Abanye ba ti, Le ngqamundi i funa ukutini na? abanye ba ti, Kungati u ng'o shumayela onkulunkulu abangaziwayo: ba sho ngoba e shumayela ngoJesu na ngokuvuka kwabafileyo. 19 Ba m tabatake, ba m yisa eAreyopagu, be ti, Si nga kwazi yini loku kufundisa okusha, oku kulunywa uwe! 20 Ngokuba u leta ezindhlebeni zetu izinto ezitile ezingaziwayo: ngakoke si tanda ukwazi ukuba zi sho ukutini lezi zinto. 21 (Bonkeke aba seAtene nabezizwe ab'ake kona ba dhla isikati kupela ngokulanda nokuba ngokuzwa uto olusha.) 22 UPaule w'emake pakati neAreyopagu, wa ti,

Madoda a seAtene, ngi ya bona ukuti ni dhlulele ekwesabeni onkulunkulu ngezinto zonke. 23 Ngokuba ekudhluleni kwami nga buka enikukonzayo, nga fumana futi ilati eli lotshwe loku ukuti, ELIKA NKULUNKULU ONGAZIWAYO. Ngakoke loko enikukonzayo ni nga kwazi, yiloko engi ku memezela kini. 24 UNkulunkulu ow'enza umhlaba nako konke oku kuwo, yena e iNkosi yezulu nomhlaba, ka hlali ematempelini enziwa ngezandhla; 25 ka setshenzelwa na izandhla zabantu, ngokungati u dinga uto, loku uyena o ba pa bonke ukupila, nokupefumula nezinto zonke; 26 w'enza izizwe zonke ngagazi linye ukuba z'ake ebusweni bonke bomhlaba, e se mise izikati ezinqunyiweyo, nemikaulo yokuhlala kwazo; 27 ukuze

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

zi fune uNkulunkulu, ingabe zi nga m pumputa zi m fumanise, inganti ka kude kitina sonke ngabanye: 28 ngokuba si pila, si hamba, si nokubako ngaye; njengaloku zi shilo nezimbongi ezitile za kini ukuti,

Ngoba futi si yinzalo yake.

29 Ngakoke loku si yinzalo ka Nkulunkulu, a ku fanele ukuba si ti ubuNkulunkulu bu fana negolide, nesiliva, netshe, oku qoshswe ngekono nokuqonda kwabantu. 30 Ngakoke izikati zokungazi u zi talalisile uNkulunkulu; kepa kaloku u yala abantu ukuba bonke ezindaweni zonke ba penduke: 31 njengokuba u misile usuku a za kwahlulela ngalo izwe ngokulunga ngomuntu ammisileyo; a se te wa nika bonke itemba ngako ngokumvusa kwabafileyo.

32 Ba ti ukuzwa ngokuvuka kwabafileyo, abanye ba swabula; kepa abanye ba ti, Si ya kubuya si zwe kuwe futi nga loku. 33 Njaloke uPaule wa puma pakati kwabo. 34 Kepa abantu abatile ba namatela kuye, ba kolwa; pakati kwabo kwa ku kona noDiyonisiyo wa seAreopagu, nowesifazana o tiwa uDamaris, nabanye kanye nabo.

18 Emva kwa loku w'emuka eAtene, wa ya eKorinte. 2 Wa fumana umJuda otile uAkwila igama lake, wa sePontu ngokuzalwa, e sandu kuvela eItali, nomkake uPrisila, ngoba uKlaudiyo wa e yale ukuba abaJuda bonke ba muke eRoma: w'eza kubo; 3 loku wa e ngowomsebenzi munye nabo, wa hlala nabo, ba sebenza: ngoba be ngabenzi bamatente, umsebenzi wabo. 4 Wa xoxa esinagogeni amasabata ngamasabata, wa ncasa abaJuda namaGreki.

5 Kepa kwa t'ukuba ku fike uSilas noTimote b'ehla eMakedoniya, uPaule, wa cindezelwa izwi e fakaza ku baJuda ukuti uJesu u nguKristu. 6 Kodwa be sa tiyana naye be hlambalaza, wa vutulula izingubo zake, wa ti kubo, Igazi lenu ma li be pezu kwamakanda enu; ngi msulwa mina: ku sukela manje se ngi za kuya kwabezizwe. 7 W'emuka lapo, wa ngena endhlini yomuntu otile igama lake uTito Justo, umuntu o kuleka ku Nkulunkulu, ondhlu yake ya i xumene nesinagoge. 8 UKrispu, umpati wesinagoge, wa kolwa eNkosini kanye nayo yonke indhlu yake; nabaningi ba seKorinte b'ezwa ba kolwa, ba bapatizwa. 9 INkosi ya ti ke ku Paule ngombono ebusuku, U ng'esabi, kepa kuluma u nga tuli: 10 ngoba ngi nawe mina, a kuko muntu o za kukusukela a ku limaze: ngoba ngi nabantu abaningi ku lo muzi. 11 Wa hlala kona umnyaka nezinyanga ezi isitupa, e fundisa izwi li ka Nkulunkulu pakati kwabo.

12 Kwa ti uGaliyo e se ngumbusi wa seAkaya, abaJuda ba m vukela uPaule nganhliziyonye ba m yisa pambi kwesihlalo sokwahlulela, 13 ba ti, Lo muntu u wota abantu ukuba ba kuleke ku Nkulunkulu ngoku nge siko okomteto. 14 Kepa uPaule e se za kuvula umlomo wake, uGaliyo wa ti ku baJuda, Nina baJuda, uma kambe be ku indaba yokungalungi neyobukelengu obubi nga ku be ngi ya ni bekezelela: 15 kodwa uma ku buzwa ngamazwi na ngamagama na ngomteto wa kini, ku bhekeni nina; a ngi tandi ukuba ngi be umahluleli wa lezi zinto. 16 Wa ba xoshake esihlalweni sokwahlulela. 17 Ba se be bamba uSostene, umpati wesinagoge, ba m shaya pambi kwesihlalo sokwahlulela. Kepa uGaliyo a ka z'a naka luto lwa lezo zinto.

18 Kepa uPaule e se ke wa hlala kona izinsuku eziningi, wa valelisa abazalwane, w'emuka ngomkumbi wa ya eSiriya, kanye noPrisila noAkwila: e gundile ikanda lake eKenkreya; ngokuba wa e zibope ngesitembiso. 19 Ba fika eEfesu, wa ba shiya kona: kepa yena wa ngena esinagogeni, wa xoxa nabaJuda. 20 Ba ti ukuba ba m nxuse ukuba a hlale nabo isikati esidana, ka z'a vuma; 21 kepa wa ba valelisa, e ti, Ngi ya kubuya ngi ze kinina uma uNkulunkulu e vuma, wa s'emuka eEfesu ngomkumbi.

22 E s'ehlike eKesariya, w'enyuka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

wa ya kobingelela ibandhla, w'eukela eAntiyoke. 23 E se qede kona isikati, w'emuka, wa dabula izwe la seGalatiya, nela seFrigiya, ngokulandelana, e qinisa abafundi bonke.

24 Kwa fika eEfesu umJuda otile igama lake nguApolo, wa seAlesandriya ngokuzalwa, umuntu o iqapuqapu, e namandhla emibhalweni. 25 Lo muntu wa e fundisiwe ngomlomo indhlela yeNkosi; e vuta emoyeni, wa kuluma wa fundisa ngesinwe izindaba ngoJesu, azi ubapatizo lu ka Johane kupela: 26 wa qala ukukuluma ngesibindi esinagogeni. Kepa ba ti ukumuzwa oPrisila noAkwila, ba m tabata, ba m casisela indhlela ka Nkulunkulu ngesinwe. 27 E se tanda ukudhlulela eAkaya, abazalwane ba m qunga isibindi, ba lobela ku bafundi ukuba ba m amkele: se e fikile, wa ba siza kakulu aba be koliwe ngawo umusa; 28 ngokuba wa ba ncinta abaJuda kakulu ngokupikisana pambi kwabantu, e bonisa ngemibhalo ukuti uJesu u nguKristu.

19 Kwa ti uApolo e seKorinte, uPaule e se dabulile izwe eli ngasenhla wa fika eEfesu, wa fumana abafundi abatile: 2 wa ti kubo, N'amkela uMoya oNgcwele ni koliwe nje na? Ba ti kuye, Qa, a si zanga si zwe nokuba u kona uMoya oNgcwele. 3 Wa ti ke, Po, na bapatizelwa entwenini na? Ba ti, Obapatizweni lu ka Johane. 4 Wa ti uPaule, Yebo, uJohane wa bapatiza ngobapatizo lokupenduka, e ti ku bantu ma ba kolwe uyena ozayo emva kwake, oku ukuti uJesu. 5 Ba ti ukuzwa loku, ba bapatizwa ngegama leNkosi uJesu. 6 UPaule e se bekile izandhla pezu kwabo, kwa fika uMoya oNgcwele pezu kwabo; ba kuluma ngezilimi, ba profeta. 7 Ba be nga ti ba abantu aba ishumi nambili be bonke.

8 Wa ngena esinagogeni, wa kuluma ngesibindi izinyanga zi ntatu e xoxa e ba qondisa ngezindaba zombuso ka Nkulunkulu. 9 Kepa lapo abanye ba be lukuni be nga laleli, be kuluma okubi nga leyo Ndhlela pambi kwesiqumbi, w'emuka kubo, wa qembula abafundi, wa xoxa imihla ngemihla esikoleni si ka Tirano. 10 Kw'enziwa loko iminyaka emibili; ngangoba bonke ab'ake eAsiya ba li zwa izwi leNkosi, abaJuda namaGreki. 11 UNkulunkulu w'enza imisebenzi yamandhla engavamiyo ngezandhla zi ka Paule: 12 ngangoba kwa yiswa kwabagulayo amaduku nezingubo o be ku patene nomzimba wake, kwa suka izifo kubo, nomoya ababi ba puma. 13 Kepa abanye abaJuda aba hamba be shaluza, be abakipi bamademone, ba lokota ukubiza igama leNkosi uJesu pezu kwabo aba be nomoya ababi, ba ti, Ngi ya ni fungisa uJesu o shunyayelwa uPaule. 14 Kwa ku kona amadodana a isikombisa ka Skeva, umJuda, umpristi omkulu, enza loku. 15 Umoya omubi wa pendula, wa ti kuwo, UJesu ngi ya m azi, noPaule ngi ya m azi; kepa nina ni ngobani na? 16 Lo muntuke okwa ku kuye umoya omubi wa ba dumela, wa ba qoqoza bobabili, wa ba namandhla kunabo, ngangoba ba baleka be puma ku leyo ndhlu be hambaze be kutshaziwe. 17 Kw'aziwa loko ibo bonke aba b'ake eEfesu, abaJuda namaGreki; bonke b'ehlelwa ukwesaba, igama leNkosi uJesu l'enziwa la likulu. 18 Abaningi kwaba be koliwe b'eza, be vuma, be landa izenzo zabo. 19 Nabaningi aba sebenza imilingo ba butela ndawonye izincwadi zabo, ba zi shisa pambi kwabo bonke; kwa balwa inani lazo, ba li fumana li izinhlamvu zesiliva izinkulungwane ezi ngamashumi a isihlanu. 20 Njaloke izwi leNkosi l'anda ngamandhla li pumelela.

21 Kwa t'uba ku fezeke lezi zinto, uPaule wa hlosa emoyeni wake, ukuba e se dhlulile eMakedoniya na seAkaya a ye eJerusalem, e ti, Emva kwokuba se ngi ke nga ya kona, ngi melwe ukuba ngi ye ngi bone neRoma. 22 Wa tumela eMakedoniya ababili kwabamkonzayo, uTimote noErasto, yenake wa hlala eAsiya umzuzu.

23 Kwa vela nga leso sikati isipitipiti esi nge sincane nga le Ndhlela.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Inxokozelo ngoDiyana eEfesu. Ukuvuswa kensizwa eTroa.

24 Ngoba umuntu otile igama lake uDemetriyo, umkandi wesiliva, owenza amatempelana esiliva a ka Diyana, wa zuzisa abalumbi inzuzo e nge ncane; **25** wa ba butela ndawonye kanye nabemisebenzi e njalo wa ti, Madoda, ni y'azi ukuba nga lo msebenzi si ba nengcebo. **26** Ni ya bonake ni y'ezwa ukuti a ku siko eEfesu kupela kepa cish'ukuba kulo lonke iAsiya, uPaule lo u ncasa eduse abantu abaningi, e ti a sibo onkulunkulu labo ab'enziwe ngezandhla: **27** a ku sikoke kupela ukuba lo msebenzi wetu u sengozini wokudelelwa kepa futi itempeli li ka nkulunkulukazi omkulu uDiyana li za kutiwa into e nge'nto ya luto, ku ze ku duve ubudhlondhlobala bake eli kuleka kuye iAsiya lonke nezwe lonke. **28** Ba ti ukuzwa loko ba gcwala ukufuteka, ba memeza ba ti, Mkulu uDiyana waba seEfesu. **29** Umuzi wonke wa gcwala isiyaluyalu: ba teleka nganhliziyonye endaweni yokubukela, se be xozomele uGayo noAristarko, abantu ba seMakedoniya, aba be hambisana noPaule. **30** Kwa ti uPaule e se qonde ukungena ku bantu, abafundi a ba m vumela. **31** Abatileke ku bapati ba seAsiya, aba be izihlobo zake, ba tumela kuye ba m ncenga ukuba a nga ze a vela endaweni yokubukela. **32** Ngakoke abanye ba memeza okunye, nabanye okunye, ngokuba kwa ba isiyaluyalu ebandhla; iningi la li ng'azi ukuba ba butene ngani. **33** Ba se be kipa uAlesandro esixukwini, abaJuda be m kapela pambili, UAlesandro wa qweba ngesandhla, e funa ukuzipendulela ku bantu. **34** Kepa ba t'ukuba b'azi ukuba u ngumJuda, ba memeza bonke nga lizwi linye kungati amahora amabili be ti, Mkulu uDiyana waba seEfesu. **35** Umbhali womuzi e se dambisile isixuku, wa ti, Madoda a seEfesu, u mupi umuntu ongaziyo ukuti umuzi waba seEfesu u ngumlond'itempeli ka Diyana omkulu, nesitombe esa wa, si vela ku Jupitere na? **36** Loku lezi zinto zi nge pikwe, nga ni damba ni ng'enzi luto ngobupulukundhlu. **37** Ngoba se ni lete lapa laba bantu, aba nge sibo abapangi bamatempeli nokuba aba hlambalaza unkulunkulukazi wetu. **38** Ngakoke uma uDemetriyo nabalumbi aba naye, be nendaba ngomuntu, zi kona izinsuku zokuteta amacala, ku kona nababusi bezwe: ma ba mangalelane bodwa. **39** Kepa uma ni funa uto ngezinye izindaba, ku ya kuqaqwa ebandhla elimisiweyo. **40** Ngokuba si sengozini yokumangalelwa ngesihlongololo sa namhla, ku ngeko sici: a si yi kuba namandhla ukuveza izwi nga lesi siwiliwili. **41** Se e shilo loko, wa mukisa ibandhla.

20 Se ku pelile ukuxokozela, uPaule e se tume e landa abafundi, wa ba vuselela, wa ba valelisa, w'emuka ukuya eMakedoniya. **2** E se dabulile lezo zindawo, e se ba vuselele ngamazwi amaningi, wa ya wa fika kwelamaGreki. **3** E se qede kona izinyanga ezintatu, w'enzelwa isigungu ngabaJuda e se za kuya eSiriya ngomkumbi, wa qonda ukubuyela emva a dabule eMakedoniya. **4** Wa pelekezelwa wa za wa fika eAsiya, nguSopatro ka Pirus wa seBereya, uAristarko noSekundo ba seTesalonika, noGayo wa seDerbe, noTimote; noTikiku noTrofimo ba seAsiya. **5** Labo ba be s'andulele, ba si hlalela eTroas. **6** Tinake sa muka ngomkumbi eFilipi emva kwezinsuku zesinkwa esi nge na mvubelo, sa fika ku bona eTroas ngezinsuku ezi isihlanu; sa hlala kona izinsuku ezi isikombisa.

7 Kwa ti ngosuku lokuqala lwesonto, se si butene ukuba si hlepule isinkwa, uPaule wa shumayela kubo, e za kumuka ngangomso; w'elula inshumayelo yake kwa za kwa ba pakati kwobusuku. **8** Kwa ku kona izibani eziningi ekamelweni eli pezulu lapo sa si butene kona. **9** Kwa be ku hlezi esibukweni insizwa etile igama layo uYutiko, ya zumeka ubutongo obukulu: uPaule e sa shumayela e bhekisa pambili, i si zumeke ubutongo ya wa pansi i suka esitezi sesitatu, ya tatshatwa i si file. **10** W'ehla

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

uPaule, wa wa pezu kwayo, wa yi singata, wa ti, Ni nga xokozeli; ngoba umpefumulo wayo u se kuyo. **11** W'enyuka, wa hlepula isinkwa, wa dhla, wa kuluma nabo isikati eside, kwa za kwa sa, w'emukake. **12** Ba letake umfana e pila, ba duduzeka ngoku nge na ku'inganiswa.

13 Kodwa tina, s'andulela ukuya emkunjini, sa ya ngawo eAsos, si za kungenisa kona uPaule: ngokuba wa e yaleze kanjalo, e za kuhamba ngezinyawo yena. **14** Kwa t'uba a hlangane nati eAsos, sa m ngenisa, sa ya sa fika eMitilene. **15** Sa muka lapo ngomkumbi, ngangomso sa fika malungana neKiyo; ngangomhlomunye sa ti qu eSamo; ngolulandelayo sa fika eMileto. **16** Ngokuba uPaule wa e hlose ukudhlula eEfesu ngomkumbi, ukuze a nga dhli isikati eAsiya; ngoba wa e kauleza, e ti kumbe a nga ba kona eJerusalem ngosuku lwePentekoste.

17 E seMileto wa tumela eEfesu, wa biza amalunga ebandhla. **18** E se fikile kuye wa ti kuwo,

Ni y'azi nina, ukuti ku sukela osukwini lokuqala e nga beka ngalo unyawo eAsiya, ukuba nga ngi njani isikati sonke ngi nani, **19** ngi konza iNkosi ngako konke ukutobeka kwenhliziyo, na ngezinyembezi, na ngezilingo eza ng'ehlela ngezigungu zaba-Juda; **20** nokuti a ngi gwemanga ukunitshela uto olusizayo, nokunifundisa pakati kwabantu, na sezindhlini ngezindhlu, **21** ngi fakaza ku baJuda na ku maGreki ngokupendukela ku Nkulunkulu, nokukolwa iNkosi yetu uJesu Kristu. **22** Kaloku, bhekani, se ngi ya eJerusalem ngi boshiwe umoya, ngi ng'azi izinto ezi za kung'ehlela kona: **23** kupela ukuba uMoya oNgcwele u ya fakaza kimi emizini ngemizi, e ti ngi hlalelwa izibopo nezinkatazo. **24** Kepa a ngi kwenzi ukupila kwami into ya luto e nga z'i be igugu kimi, ukuze ngi feze uhambo lwami, nenkonzo enga y'amkela eNkosini, uJesu, yokuba ngi fakaze ngevangeli lomusa ka Nkulunkulu. **25** Kaloku, bhekani, ngi y'azi ukuti a ni sa yi kubuya ni bone ubuso bami nina nonke engi hambahambe pakati kwenu, ngi shumayela umbuso. **26** Ngakoke ngi ya gomela kini namhlanje ngi ti, ngi msulwa egazini labantu bonke. **27** Ngokuba a ngi gwemanga ukunitshela icebo lonke li ka Nkulunkulu. **28** Ngako ziqapeleni nina, nomhlambi wonke, uMoya oNgcwele a ni misile ni be ababonisi bawo, ukuba n'aluse ibandhla leNkosi eya li tenga ngegazi layo. **29** Ngi y'azi ukuti emva kwokumuka kwami ku za kungena pakati kwenu izimpisi ezihahayo, ezingawuyekiyo umhlambi; **30** na ngapakati kwenu ku ya kuvela abantu aba kuluma okuxabileyo, be qembula abafundi ukuba ba ba landele. **31** Ngakoke lindani, ni kumbule ukuti kwa ba iminyaka emitatu ubusuku nemini a ngi yekanga ukuniluleka nonke ngabanye ngi kala izinyembezi. **32** Kalokuke ngi ni beka ku Nkulunkulu, na sezwini lomusa wake, eli namandhla okunaka, nokuninika ifa pakati kwabo bonke abangcwelisiweyo. **33** A ngi fisanga siliva la muntu, na golide, na ngubo. **34** Ni y'azi nani ukuti lezi zandhla za sebenzela izinswelo zami, nez'aba be nami. **35** Kuko konke nga ni bonisa ukuti ngokukandhleka okunje ni melwe ukusiza ababutakataka, ni kumbule amazwi eNkosi uJesu, okokuba ya ti yona, Ku busisekile ukupa kunokwamkela.

36 E se shilo loku, wa guqa pansi wa tandaza nabo bonke. **37** Ba kala kakulu bonke, ba wa entanyeni ka Paule ba m anga, **38** be lusizi kakulu ngezwi a be li shilo lokuti, a ba sa yi kubuya ba bone ubuso bake. Ba m pelekezela ba ya naye emkunjini.

21 Kwa ti ukuba si qembuke kubo si muke ngomkumbi, sa qonda ngqo sa za sa fika eKos, ngangomso sa ya eRhode, sa suka lapo sa ya ePatara: **2** sa t'uba si fumane kona umkumbi o welela eFenike, sa ngena sa muka. **3** Se ku qamuke iKupro, si li shiye nga kwesokohlo, sa qonda eSiriya, s'ehlika eTire; ngokuba umkumbi wa u za kwetula kona impahla. **4** Se si

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

fumene abafundi, sa hlala kona izinsuku ezi isikombisa: ba ti bona ngoMoya ku Paule, a nga lu beki unyawo eJerusalem. 5 Kwa t'uba si feze lezo zinsuku, sa suka sa hamba; ba si pelekezela bonke, kanye nomkabo nabantwana, sa za sa ba ngapandhle kwomuzi: sa guqa pansi ogwini, sa tandaza, sa valelisana; 6 sa ngena emkunjini tina, bonake ba buyela ekaya.

7 Se si qedile ukuhamba ngomkumbi si suka eTire, sa fika eTolemayi; sa bingelela abazalwane, sa hlala nabo usuku lwa ba lunye. 8 Nga ngomso sa muka sa ya eKesariya: sa ngena endhlini ka Filipu umvangeli, owa e ngomunye waba isikombisa, sa hlala kwake. 9 Lo muntu wa e namadodakazi amane, izintombi eziprofetayo. 10 Kwa ti si sa hlezi kona izinsuku ezitile, kw'ehla eJudiya umprofeti otile, igama lake nguAgabo. 11 Wa fika kitina, wa tabata ibande li ka Paule, wa zibopa izinyawo nezandhla, wa ti, U ti uMoya oNgcwele, Umuntu eli ngelake leli bande abaJuda ba ya kumbopa kanje eJerusalem, ba m kapele ezandhleni zabezizwe. 12 Sa ti ukuzwa loko, sa m ncenga tina naba ku leyo ndawo ukuba a ng'enyukeli eJerusalem. 13 Wa s'e pendula uPaule, wa ti, N'enzani ukukala nokucoboza inhliziyo yami na? ngoba se ngi lungele ku nge siko ukuboshwa kupela, ngi lungele nokufa eJerusalem ngenxa yegama leNkosi uJesu. 14 Kwa tike loku e nge na kwahlulwa, sa tula, sa ti, Ma yenziwe intando yeNkosi.

15 Emva kwa lezi zinsuku sa bopa impahla s'enyukela eJerusalem. 16 Kwa hamba nati abanye ku bafundi ba seKesariya, be hamba noMnaso wa seKupro, owa e ngumfundi kwa kudala, e be si za kungenisa kwake.

17 Se si fikile eJerusalem, abazalwane ba s'amkela ngokujabula. 18 Ngangomso uPaule wa ngena nati ku Jakobe; a e kona namalunga onke. 19 Wa ba bingelela qede, wa s'e ba landisa izinto zonke ngazinye uNkulunkulu a be z'enzile pakati kwabezizwe ngenkonzo yake. 20 Ba t'ukuzwa loko, ba dumisa uNkulunkulu; ba ti kuye, U ya bona, mzalwane, ukuti zi ngaki izigidi ku baJuda zabakoliwe; bonkeke ba shisekela umteto: 21 kepa ba bikelwe ngawe, ukuti u fundisa abaJuda bonke aba pakati kwabezizwe ukuba ba hlamuke uMoses, u ti ma ba nga soki abantwana babo, ba nga hambi ngamasiko, 22 Po ku tiwenike? ba za kuzwa impela ukuti u fikile. 23 Yenza lokuke esikushoyo kuwe: Ku kona kitina amadoda amane a zibope ngesitembiso; 24 u wa tabate wona, u zipotule kanye nawo, u koke izindhleko zawo ukuze a pucule amakanda: ba ya kwazike bonke ukuba a kuko luto ku lezo zinto aba zi bikelwe ngawe; kantike u hamba kahle nawe u londa umteto. 25 Kodwa mayelana nabezizwe abakolwayo, sa loba, sa nquma ngokuti ma ba zilonde koku hlatshelwe izitombe, negazi, nokuhxinyekileyo, nobufebe. 26 UPaule wa se e wa tabata lawa madoda, ngangomso e se zipotula kanye nawo wa ngena etempelini, wa bika ukugcwaliseka kwezinsuku zokupotulwa, kwa ze kwa nikelwa umnikelo ngenxa yawo ngamanye.

27 Kwa ti se zi za kupela lezo zinsuku ezi isikombisa, abaJuda aba puma eAsiya, be m bonile etempelini, ba yaluzisa isixuku sonke ba yisa izandhla kuye, 28 ba kamuluka be ti, Madoda a kwa Israeli, yelekelelani: Nangu lo muntu o fundisa bonke ezindaweni zonke e pambene nabantu nomteto na le ndawo; na ngapezu kwa loko u ngenise amaGreki etempelini, wa ngcolisa le ndawo engcwele. 29 Ba be bone ngapambili uTrofimo wa seEfesu e naye emzini, aba be ti uPaule u m ngenise etempelini. 30 Umuzi wonke wa nyakaza, abantu ba gijimela ndawonye; ba bamba uPaule, ba m hudulela ngapandhle kwetempeli: kwa se ku valwa iminyango masinyane. 31 Be sa funa ukumbulala, kwa fika usolo enduneni enkulu yebuto ukuti, iJerusalem lonke li ya yaluza. 32 Ya se i tabata amabuto

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nezinduna zekulu, y'ehla ya gijimela kubo: ba ti ukuyibona induna enkulu namabuto, ba yeka ukumshaya uPaule. **33** Ya se i sondela induna enkulu, ya m bamba, ya yala ukuba a boshwe ngamaketanga amabili; ya buza ukuba u ngubani, nokuba wenzeni. **34** Ba memezake abanye okunye, abanye okunye esixukwini: ya t'uba i nga bi na kwazi iqiniso ngenxa yenxokozelo, ya yala ukuba a ngenisew enqabeni. **35** Kwa t'uba a fike esikwelweni, wa s'e twalwa amabuto ngenxa yesankahlu sesixuku; **36** ngokuba isiqumbi sabantu sa landela si kamuluka si ti, M suseni.

37 Kepa uPaule e se za kungeniswa enqabeni, wa ti enduneni enkulu, Ku vumekile ukuba ngi ke ngi kulume nawe na? Ya ti, U ya s'azi isiGreki na? **38** Kanti a u siye lowo wa seEgipite, owa susa utuli lokuhlubuka, ku nga ka fiki lezi zinsuku, wa holela ehlane izigebengu ezi izinkulungwane ezine na? **39** Kepa uPaule wa ti, Ngi umJuda wa seTarsu eKilikiya, ngi ngumuntu womuzi odumileyo: ngi ya ku nxusa, a ke u ngi vumele ngi kulume ku bantu. **40** E se m vumele, uPaule w'ema esikwelweni, wa ba hebeza abantu ngesandhla; kwa t'ukuba ku ti kwatalala, wa ba memeza ngolimi lwamaHeberu, e ti,

22 Bazalwane nani bobaba, yizwani ukuzipendulela kwami pambi kwenu kaloku.

2 Ba ti ukumuzwa e ba memeza nogolimi lwamaHeberu, ba tula ngakumbe: wa ti yena,

3 Ngi ngumJuda, nga zalwa eTarsu la seKilikiya, nga kulela ku lo muzi, ezinyaweni zi ka Gamaliyeli, nga fundiswa ngesinwe ngokomteto wa okoko, ngi shisekela uNkulunkulu njengoba nonke ni njalo namhlanje: **4** nga zingela aba le Ndhlela ngi ba yisa ekufeni, ngi bopa ngi faka etilongweni abesilisa nabesifazana. **5** Njengoba umpristi omkulu u ngufakazi wami, nawo wonke umgwamanqa wamalunga: engamkela kubo izincwadi ezi qonde abazalwane, nga ya eDamaseku ukuba ngi yise eJerusalem be boshiwe labo aba be kona ukuze ba shaywe. **6** Kwa ti, ngi sa hamba, ngi sondela eDamaseku, nga semini enkulu, nga badanywa ukukanya okukulu kwa sezulwini kwa ngi nyampuzela inxa zonke. **7** Nga wa pansi, ng'ezwa izwi li ti kimi, Saule, Saule, u ngi zingelelani na? **8** Nga pendula nga ti, U ngubani, Nkosi? Ya ti kimi, Ngi nguJesu wa seNazareta, omzingelayo. **9** Na labo aba be nami ba bona ukukanya, kodwa a ba li zwanga izwi lowa kuluma kimi. **10** Nga ti, Nkosi, ma ng'enzeni na? Ya ti iNkosi kimi, Vuka, u ye eDamaseku; lapoke u ya kutshelwa konke o miselwe ukuba u kwenze. **11** Kepa ngi nga sa boni ngenxa yobucwazicwazi ba loko kukanya, ngi holwa ngesandhla ilabo aba be nami nga fika eDamaseku. **12** Kwa ti otile UAnaniya, umuntu oqoto ngokomteto, e ncomeka ngokuhle ku baJuda bonke ab'ake kona, **13** w'eza kimi, w'ema nga kimi wa ti kimi, Saule mfo wetu, buya u bone. Nga sona leso sikati nga m bheka. **14** Wa ti ke yena, UNkulunkulu wa okoko u ku misile ukuba wazi intando yake, u m bone oLungileyo, u zwe izwi eli puma emlonyeni wake. **15** Ngoba u za kuba ufakazi wake ku bantu bonke wa loko okubonileyo nokuzwileyo. **16** Kaloku u libalelani na? suka, u bapatizwe, u hlanze izono zako, u tete igama lake. **17** Kwa ti, se ngi buyele eJerusalem, ngi tandaza etempelini, nga fikelwa isiyezi, **18** nga yi bona i ti kimi, Shesha, u pume masinyane eJerusalem; ngokuba a ba yi kwamkela kuwe ubufakazi ngami. **19** Nga ti, Nkosi, ba y'azi bona ukuba be ngi bopa ngi shaya emasinagogeni onke labo aba kolwa uwe: **20** futi lapo ku palazwa igazi li ka Stefano ufakazi wako, nga ngi mi eduze nami, ngi vuma, ngi gcina izingubo zabambulalayo. **21** Ya ti kimi, Hamba: ngokuba ngi za kukutuma u ye kude kwabezizwe.

22 Ba m lalela wa za wa fika ku leli zwi; ba se be nqonqoloza, ba ti,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

A ku suswe onje emhlabeni: ngoba a ku fanele ukuba a pile. **23** Be sa bangalasa, be lahla izingubo zabo, be ponsa utuli pezulu, **24** induna enkulu ya yala ukuba a ngeniswe enqabeni, a hlolwe ngemvubu, ukuze yazi esona sici sokuba ba memeze kanje ngaye. **25** Be sa m elula ngemicilo, uPaule was ti enduneni yekulu e mi kona, Ku vumekile yini ukuba ni baxabule umuntu o ngumRoma, e nga lahlwanga icala na? **26** Induna yekulu ya t'ukuzwa loko, ya ya enduneni enkulu ya m tshela ya ti, Yini loku o za kukwenza? lo muntu u ngumRoma. **27** Y'eza induna enkulu ya ti kuye, Ngi, tshele, wena u ngumRoma na? Wa ti, Yebo. **28** Ya pendula induna enkulu ya ti, Leli lungelo nga li zuza ngenani elikulu. Wa ti uPaule, Nga zalwa ngi nalo mina. **29** Ba se be sukake kuye aba be za kumhlola: induna enkulu nayo y'esaba i si yazi ukuba u ngumRoma, na ngokuba i bi m bopile.

30 Ngangomsoke, i tanda ukwazi iqiniso lokuba u bekwa icala lini abaJuda, ya m kumula izibopo, ya yala ukuba ku butane abapristi abakulu nompakati wonke, y'ehlisa uPaule ya m beka pambi kwabo.

23 Konake uPaule, e wu ti njo umpakati, wa ti, Bazalwane, ngi hambile kuko konke ngoku ka nembeza pambi ku ka Nkulunkulu ku ze ku be namhla. **2** Umpristi omkulu uAnaniya wa yala aba be mi nga kuye ukuba ba m shaye umlomo. **3** Wa s'e ti uPaule kuye, UNkulunkulu u za kukushaya wena, ludonga olucakiweyo: u hlalele ukungahlulela ngokwomteto, u ti ma ngi shaywe ngoku nge ngamteto na. **4** Ba ti abemiyo kona, U ya tuka umpristi omkulu ka Nkulunkulu na? **5** Wa ti uPaule, Be ngi ng'azi, bazalwane, ukuba u ngumpristi omkulu: ngoba ku lotshiwe ukuti, U nga kulumi kabi ngombusi wabantu ba kini. **6** Kepa uPaule wa t'ukubona ukuba olunye uhlangoti lu ngabaSaduse nolunye lu ngabaFarisi, was memeza empakatini, wa ti, Bazalwane, ngi ngumFarisi, indodana yabaFarisi: ngi mangalelwe ngetemba nokuvuka kwabafileyo. **7** Se e shilo loku, kwa vela ukupambana ku baFarisi nabaSaduse; isiqumbi sahlukana kabili. **8** Ngoba abaSaduse ba ti a kuko ukuvuka kwabafileyo na ngelosi, na moya; kepa abaFarisi ba ku vuma kokubili. **9** Kwa se ku ti pololo: abanye ababhali bohlangoti lwabaFarisi b'esuka ba pikelela, be ti, A si fumani okubi ku lo muntu: uma mhlaumbe ku kulume umoya kuye, mhlaumbe ingelosi, poke? **10** Se ku vele ukupambana okukulu, induna enkulu y'esaba i ti uPaule u za kudwengulwa ibo, ya ti ma kwehle impi i m hlwite pakati kwabo, i m yise enqabeni.

11 Ngobusuku obulandelayo iNkosi y'ema nga kuye, ya ti, Yima isibindi: njengaloku u fakaze ngami eJerusalem, ku njalo u melwe ukufakaza na seRoma.

12 Kwa ti se ku sile, abaJuda b'enza iqeqeba, ba zilokotela ba ti a ba yi kudhla a ba yi kupuza ba ze ba m bulale uPaule. **13** Ba be ngapezu kwamashumi amane aba b'enze lolu zungu. **14** Ba ya ku bapristi abakulu na ku malunga, ba ti, Si zilokotele ngesilokotelo sokuti, a si yi kuti mpuya si ze si m bulale uPaule. **15** Kalokuke nina kanye nompakati ma ni babale induna enkulu ukuba i m ehlisele kini, ngokungati be ni zo cingisisa ngesinwe ngaye: tinake si lungele ukumbulala, e nga ka sondeli. **16** Kepa indodana ka dade wabo ka Paule y'ezwa ngokumqamela kwabo, ya ya ya ngena enqabeni ya m bikela uPaule. **17** UPaule wa s'e biza enye induna yekulu, wa ti, Yisa le nsizwa enduneni enkulu; i nento e za'umbikela yona. **18** Ya yi tabatake, ya yi yisa enduneni enkulu, ya ti, UPaule isiboshwa u ngi bize, wa cela ukuba ngi lete le nsizwa kuwe, i nento e zo yi sho kuwe. **19** Induna enkulu ya yi bamba ngesandhla, ya ti gudhlu nayo ya yi buza ngasese ya ti, U nantoni o za kungibikela yona na? **20** Ya ti, AbaJuda ba vumelene uku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

cela kuwe ukuba wehlise uPaule ngomso eze empakatini, ngokungati ku kona o za kukubuzisisa ngesinwe ngaye. **21** Kepa u ze u nga ba vumeli: ngokuba u qanyelwe abantu aba ngapezu kwamashumi amane ku bona abazilokoteleyo, ba ti a ba yi kudhla a ba yi kupuza ba ze ba m bulale: kalokuke se be lungele be bheke isitembiso esi vela kuwe. **22** Njaloke induna enkulu ya yi mukisa insizwa, ya yi yala i ti, U nga vezeli muntu ukuba u ngi bikele loku. **23** Ya biza izinduna ezimbili zamakulu, ya ti, Lungisani amabuto a be amakulu amabili ukuba a ye eKesariya, nabakwel'amahashi ba be amashumi a isikombisa, nabemikonto ba be amakulu amabili, ngehora lesitatu la sebusuku: **24** ba bheke nezilwane ukuba ba kwelise uPaule ba m fikise e londekile ku Felise umbusi. **25** Ya loba incwadi e hlelwe kanje:

26 UKlaudiyo Lisiya u ya bingelela uFelise umbusi, ndabezita. **27** Lo muntu wa e banjwe abaJuda, wa e za kubulawa ibo, nga ba fikela nempi nga m opula, se ngi zwile ku tiwa u ngumRoma. **28** Ngokubake ngi tanda ukwazi icala aba m mangelela ngalo, nga m ehlisela empakatini wa kubo: **29** nga fumana ukuba u mangelelwe ngemibuzo yomteto wa kubo, e nga mangelelwa nga luto olu fanele ukufa nezibopo. **30** Se ku dalulwe kimi ukuti ku za kuba kona isigungu nga lo muntu, nga se ngi m tumela kuwe konamanje, ngi ba yalile abammangalelayo ba ye ba kulume ngaye pambi kwako.

31 Njaloke amabuto, njengaloku akuyalelweyo, a m tabata uPaule a m yisa eAntipatri ebusuku. **32** Kepa ngangomso a shiya abakwel'amahashi ukuba ba hambe naye, wona a buyela enqabeni: **33** labo, se be fikile eKesariya ba nika umbusi incwadi, ba m misa uPaule naye pambi kwake. **34** Wa t'uba a yi funde, wa buza ukuba u ngowasipi isifunda; se e zwile ukuti u ngowa seKilikiya, **35** wa ti, Ngi ya kuzwa kahle indaba yako, lapo se be fikile abakumangalelayo: wa ti ka londwe esigodhlweni si ka Herode.

24 Emva kwezinsuku ezi isihlanu uAnaniya umpristi omkulu weuka kanye namalunga atile, negagu lokukuluma, u Tertulo; labo ba ya ba babala umbusi ngoPaule. **2** Se e biziwe, uTertulo wa qala ukumbek'icala, e ti,

Loku si nenhlalakahle enkulu ngawe, na ngokubonelela kwako ku lungiswa okukalekayo ku lesi sizwe, **3** si kwamkela loko ngezindhlela zonke na sezindaweni zonke, Felise ndabezita, si nokubonga konke. **4** Kodwa ukuba ngi nga be ngi sa ku bambezela, ngi ya ku ncenga ukuba ngokuva kwako u si zwe, ke si ti fahla. **5** Si m fumene lo muntu e isipehli, e susa utuli lokuhlubuka pakati kwabaJuda bonke aba sezweni lonke, e inhloko yeqembu lamaNazareta: **6** futi wa linga nokudumaza itempeli: sa m bambake:* **8** oku za kuti ngokumhlola ngokwako u be nokwazi izinto zonke esi m bek'icala ngazo. **9** NabaJuda ba m vumela ku loko, be gamela ngokuti ku njalo.

10 Kwa t'uba umbusi a m qwebe ukuba a kulume, uPaule wa pendula wa ti,

Loku ngi y'azi ukuti se ku iminyaka eminingi u ngumahluli wena ku lesi sizwe, ngi ya zipendulela ngokwenama: **11** loku u nga se wazi ukuti a ku ka bi ngapezu kwezinsuku ezi ishumi nambili iloku ng'enyukela ukuya kokuleka eJerusalem: **12** a ba ngi fumananga nakuba setempelini ngi pikisana nomuntu nakuba ngi susa isidumo esixukwini, nakuba ku semasinagogeni, nakuba ku semzini. **13** Futi ba nge qinise kuwe lezi zinto aba ngi bek'icala ngazo kaloku.. **14** Kepa ngi ya vuma loku kuwe, ukuti ngeNdhlela aba ti bona yiqembu, ngi ya m konza ngokunjalo uNkulunkulu wa obaba, ngi kolwa iko konke oku ngokomteto, nokulotshiweyo ku ba-

*Amanye amakopi amadala a quba ku v. 6, a ti: be si ya kumahlulela ngomteto wa kiti. 7. Kepa kwa fika uLisiya induna enkulu, wa m tata ezandhleni zetu ngesankahlu esikulu, 8 e ti abammangalelayo ma beze lapa pambi kwako.

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

profeti; 15 ngi netemba kuNkulunkulu, abalibhekileyo na laba, lokuti ku ya kuba kona ukuvuka kwabafileyo okwabalungileyo nokwaba nga lungile. 16 Ku loku nami ngi ya zama ukuba ngi nga bi na kuzinyeza mayelana noNkulunkulu nabantu ngezikati zonke. 17 Kwa ti ngasemva kweminyaka emiingi nga fika ukuleta izipo zesihau neminikelo esizweni sakiti: 18 okwa ti ngi kuko loko ba ngi fumana ngi potuliwe etempelini, ngi nge na sixuku, ngi nge na nxokozelo: kepa kwa ku kona abaJuda aba tile ba seAsiya: 19 aba be melwe ukuba kona pambi kwako, ba ngi bek'icala, uma be noto ngami. 20 Ngakumbe ma ba sho laba ukuti ba fumana ntoni yokungalungi kimi ekumeni kwami pambi kwompakati, 21 ukupela leli lizwi lodwa, engalimemezayo ngi mi pakati kwabo lokuti, Ngokuvuka kwabafileyo ngi mangalelwa inina namhla.

22 Kepa uFelise wa ba hlehlisa e z'azi ngokucacileyo izinto za leNdhlela, e ti, Inxa uLisiya induna enkulu ehlile, Ngi ya kucingisisa indaba yenu. 23 Wa s'e yala induna yekulu ukuba a gcinwe kodwa a be nenkululeko; ku nga nqatshelwa muntu wa kubo ukumkonza.

24 Kepa emva kwezinsuku ezitile, wa fika uFelise nomkake uDrusila, o ngumJudakazi, wa landa uPaule, wa mu zwa e kuluma ngokukolwa ku Kristu Jesu. 25 E sa xoxa ngokulunga, na ngokuzibamba, na ngokwahlulela okuzayo, uFelise wa ngenwa ukwesaba, wa pendula wa ti, Okwa kalokunje a ke u hambe; nxa ngi tola ituba, ngi ya kukubiza. 26 Wa e temba futi ukuti u ya kunikwa uPaule imali: ngalokoke wa e iloku e m biza, a kulume naye. 27 Kwa t'uba ku pele iminyaka emibili, uPorkiyo Festo wa ngena esikundhleni si ka Felise; uFelise e funa ukuzincayisela ku baJuda, wa shiya uPaule e boshiwe.

25 Wa ti uFesto ukufikake ku lesi sifunda, emva kwezinsuku ezintatu w'enyukela eJerusalem e suka eKesariya. 2 Abapristi abakulu naba izinhloko ku baJuda ba m babala ngoPaule; ba m ncénga, 3 ba cela ukwenzelwa umusa ngaye, wokuba a m bizele eJerusalem; be m qamele ukuba ba m bulale endhleleni. 4 Nokoke uFesto wa pendula wa ti, uPaule u gcinwe eKesariya, e ti naye u za kuya kona masinyane. 5 Wa ti, Ma ku ti aba nesitunzi pakati kwenu b'euke nami, uma ke ku kona uto olubi ku lo muntu, ma ba m bek'icala.

6 E se hlale pakati kwabo izinsuku ezi nge ngapezu kwesishiyangalombili mhlaumbe ishumi, w'ehlela eKesariya; ngangomso wa hlala esihlalweni sokwahlulela, wa ti a ku letwe uPaule. 7 Se e fikile yena, abaJuda aba b'euke eJerusalem b'ema be m haqile, be m beka amacala amaningi anzima aba be nge na kuwaqinisa; 8 kepa uPaule e zipendulela wa ti, A ng'onanga luto na semtetweni wabaJuda, na setempelini, na ku Kesari. 9 Kepa uFesto, e tanda ukuzincayisela ku baJuda, wa pendula uPaule wa ti, U ya tanda ukwenyukela eJerusalem, w'ahlulelwe kona pambi kwami nga lezi zinto na? 10 Kepa uPaule wa ti, Ngi mi pambi kwesihlalo sokwahlulela si ka Kesari, lapa ku fanele ng'ahlulelwe kona: ku baJuda a ng'enzanga kungalungi njengaloku nawe wazi kahle. 11 Umake ngi ngo nga lungile, ng'enza uto olu fanele ukufa, a ng'ali ukufa; kepa uma ku ngeko'nto ya lezi zinto aba ngi bek'icala ngazo laba, a kuko muntu o nga ba pa mina. Ngi li dhlulisela ku Kesari. 12 Konake uFesto, e se kulume nompakati, wa pendula wa ti, U li dhlulisele ku Kesari: u ya kuyake ku Kesari.

13 Se ku dhlule izinsuku ezitile, uAgripa inkosi noBernike ba fika eKesariya, b'eza kubingelela uFesto. 14 Se be hlezi kona izinsuku eziningi, uFesto w'eneka pambi kwenkosi indaba ka Paule, wa ti, U kona umuntu otile owa shiywa uFelise, e boshiwe; 15 okwa ti, ngi seJerusalem, abapristi abakulu namalunga abaJuda ba ngi babala ngaye, be cela ukuba a lahlwe. 16 Nga pendula kubo nga ti, a ku

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UFesto u xoxela uAgripa indaba. UPaule u zipendulela kuye.

siwo umkuba wamaRoma ukupa nje ngomuntu o bekwa icala e nga ka bi nabambek'icala pambi kwake, a tole ituba lokuzipendulela ngendaba a mangalelwe ngayo. 17 Ngakoke kwa t'uba ba butane lapa, a ngi libalanga, ngangomso nga hlala esihlalweni sokwahlulela, nga ti ma ka letwe lowo muntu. 18 Okwa ti, se be suka, be ma abammangaleleyo, a ba vezanga cala la lezo zinto ezimbi e be ngi zi cabanga; 19 kodwa ba be pete imibuzo etile nga kuye ngenkolo yakubo, na ngomuntu otile uJesu, owa be file, uPaule a gamela ngaye e ti u kona. 20 Se ngi xakekile ukuti ngi zo buza kanjani nga lezi zinto, nga ti a nga tanda yini ukuya eJerusalem ahlulelwe kona nga lezi zindaba, 21 kepa loku uPaule e li dhlulisile a ti a gcinelwe okokuba li nqunywe inkosi enkulu, nga yala ukuba a gcinwe ngi ze ngi m tumele ku Kesari. 22 Wa ti uAgripa ku Festo, Ngi nga tanda nami ukuzwa lo muntu. Wa ti, U ya kumuzwa ngomuso.

23 Ngakoke ngangomso, se be fikile oAgripa noBernike, be za be nokuxinga okukulu, se be ngenile enkantolo kanye nezinduna ezinkulu namadoda amakulu a lomuzi, wa ngeniswa uPaule ngezwi li ka Festo. 24 Wa ti uFesto, Nkosi Agripa, nani nonke madoda a kona nati lapa, ni ya bona lo muntu esi kulume kimi ngaye isiqumbi sonke sabaJuda eJerusalem na lapa, si memeza, si ti a ku fanele a be e sa pila. 25 Kepa nga fumana ukuti a k'enzanga uto olu fanele ukufa: njengobake naye u li dhlulisele enkosini enkulu nga nquma ukuti ngi ya kumtuma. 26 Kepa a ngi nanto eqinisekileyo yokuba ngi lobe ngaye enkosini. Ngalokoke ngi m lete pambi kwenu ikakulu pambi kwako, Nkosi Agripa, ukuze ku ti uma se ku ke kwa hlolwa ngi be nento engingayilobayo. 27 Ngokuba kimina ku tunekile ukutuma isiboshwa, ngi nga bonakalisi amacala ngaso.

26 Wa ti uAgripa ku Paule, U vunyelwe ukuba u zikulumele. UPaule wa s'elula isandhla, wa zipendulela wa ti:

2 Nkosi Agripa ngi ya bona ukuti ngi nenhlanhla, ngokuba ngi za kuzipendulela namhla pambi kwako ngazo zonke izinto engi mangalelwa abaJuda ngazo: 3 ikakulu ngoba u ungoti emikubeni na semibuzweni yonke pakati kwabaJuda: ngalokoke ngi ya ku nxusa ukuba u ngi lalele ngokubekezela. 4 Uhambo lwamike kwa sebusheni bami, olwa ba iko kwa sekuqaleni pakati kwesizwe sa kiti na seJerusalem, ba ya lwazi bonke abaJuda; 5 abangaziyo kwa sekuqaleni, uma be vuma ukufakaza, ukuba nga hlala ngokwehlelo eli te swe enkolweni ya kiti ngi ngumFarisi. 6 Na kaloku se ngi mi ukuba ng'ahlulelwe ngetemba lesitembiso es'enziwa uNkulunkulu kokoko betu; 7 izizwe za kiti ezi ishumi nambili ezetemba ukufinyelela kuso, zi qinisa ukukonza ubusuku nemini. Nkosi, nga leli temba ngi mangalelwe abaJuda! 8 Ni sholoni ukuti ku into eni nge kolwe iyo ukuba uNkulunkulu u vusa abafileyo na? 9 Namike pela nga ngi ti ngi melwe ukwenza izinto eziningi ezi pambene negama li ka Jesu wa seNazareta. 10 Engakwenzayoke eJerusalem: abaningi kwabangcwele nga ba valela ematilongweni, ngi tole amandhla ku bapristi abakulu, na lapo be bulawayo nga vuma ngevoti lami. 11 Ngi ba shaya futifuti emasinagogeni onke, nga ba sindezela ukuba ba hlambalaze; nga ti ngi hlanya kakulu ngabo, nga ba zingela kwa za kwa ba semizini yabezizwe. 12 Okwa ti ngi ya eDamaseku ngi namandhla nemvume yabapristi abakulu, 13 emini enkulu, ngi sendhleleni, Nkosi, nga bona ukukanya oku vela ezulwini, ku dhlula ukukazimula kwelanga, kwa ngi kanyisela inxa zonke naba be hamba nami. 14 Ku te se si we pansi sonke, ng'ezwa izwi li ti kimi ngolimi lwamaHeberu, Saule, Saule, u ngi zingelelani na? Ku lukuni kuwe ukukahlela ezincijweni. 15 Nga ti, U ngubani Nkosi? INkosi ya ti, Ngi nguJesu omzingelayo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

16 Kepa vuka, u me ngezinyawo zako:
ngokuba ngi bonakele kuwe ngenxa
ya loku, ukuba ngi ku mise u be
isikonzi nofakazi wa lezi zinto o ngi
bone ngazo, na lezo engi ya kubona-
kala kuwe ngazo; 17 ngi k'opula ku
bantu na kwabezizwe engi ku tumela
kubo, 18 ukuba u vule amehlo abo,
ukuze ba suke ebumnyameni ba
pendukele ekukanyeni, ba suke ema-
ndhleni ka Satane ba pendukele ku
Nkulunkulu, ukuze b'amkeliswe uku-
tetelelwa kwezono nefa pakati kwaba-
ngcwelisiweyo ngokukolwa kimi. 19
Ngalokoke, nkosi Agripa, a ngi banga
ongalaleliyo umbono wa sezulwini: 20
kodwa nga memezela kuqala kwaba
seDamaseku, na kwaba seJerusalem,
na kulo lonke izwe la seJudiya, na
kwabezizwe, ukuba ba penduke ba
guqukele ku Nkulunkulu, benze imi-
sebenzi e fanele ukupenduka. 21
Ngenxa ya loku abaJuda ba ngi
bamba etempelini, ba linga ukungi-
bulala. 22 Ngakoke se ngi zuzile
usizo olu vela ku Nkulunkulu, ngi
mi ku ze ku be namhla ngi gomela
kwabancinyane na kwabakulu, ngi
nga sho luto ngapandhle kwa loko
okwa kulunywa abaprofeti noMoses
aba ti ku ya kwenzeka; 23 ukuti
uKristu nga e hlupeka, nokuti e ngo-
wokuqala ekuvukeni kwabafileyo u
za kumemezela ukukanya ku bantu
na kwabezizwe.

24 E sa zipendulela kanjalo, uFesto
wa ti ngezwi elikulu, Paule, u ya
hlanya; imfundo eningi i ya ku
hlanyisa. 25 Kepa uPaule wa ti,
Festo ndabezita, a ngi hlanyi; kepa
ngi pimisela amazwi eqiniso nawoku-
sanguluka. 26 Ngoba i y'azi nga
lezi zinto inkosi, engi kuluma kuyo
ngokupumesela: ngokuba ngi kolwa
ukuti a ku siteke luto lwa lezi zinto
kuyo; ngokuba loku a kwenzekanga
engosini. 27 Nkosi Agripa, u ya
kolwa abaprofeti na? Ngi y'azi ukuti
u ya kolwa. 28 Wa s'e ti uAgripa
ku Paule, Ngokuncane u ti a u ngi
vumise u ng'enze ngi be umKristu.
29 Wa ti uPaule, Ngi nga tandaza
ku Nkulunkulu, ukuba noma i ngo-
kuncane noma ngokukulu ku nga bi
nguwe wedwa, kepa ku be ibo bonke
abangizwayo namhla, ba be njengami
nje, kwahluke nga lezi zibopo.

30 Inkosi ya sukake, nombusi,
noBernike, nabo aba be hlezi nabo:
31 se be te gudhlu, ba kuluma bodwa
ba ti, Lo muntu a k'enzi luto olu
fanele ukufa noma izibopo. 32 Wa
ti uAgripa ku Festo, Lo muntu u be
nga kululwa, uma e nga li dhlulise-
langa ku Kesari.

27 Kwa ti se ku nqunyiwe ukuba
si ye eItali ngomkumbi, ba beka
uPaule nezinye iziboshwa ezitile endu-
neni yekulu uJuliyo igama lake ye-
buto li ka Augusto. 2 Sa ngena emku-
njini wa seAdramita, o be u za kuya
ezindaweni ezi nga seAsiya, sa ha-
mba ngolwandhle, uAristarko, umMa-
kedoniya wa seTesalonika, e nati.
3 Ngangomso sa fika eSidon: uJuliyo
wa pata ngobubele uPaule, wa m vu-
mela ukuya ezihlotsheni zake a tole
ukwongiwa. 4 Sa suka lapo, sa ya
sa dhlula enzansi kweKupro, ngokuba
imimoya ya i pambene nati. 5 Se si
nqamule ulwandhle olu nga seKilikiya
nePamfiliya, sa fika eMira la seLikiya.
6 Lapoke induna yekulu ya fumana
umkumbi wa seAlesandriya o ya
eItali; ya si ngenisa kuwo. 7 Kepa
se si hambe kancinyane izinsuku ezi-
ningi, se si fike kalukuni malungana
neNido, umoya u nga sa si vumeli,
sa dhlula enzansi kweKrete malunga-
na neSalome; 8 sa gudhla lona kalu-
kuni sa fika endaweni etile e tiwa
amaTeku Amahle; eduze nawo ku
kona umuzi wa seLaseya.

9 Se ku dhlulile isikati eside, futi
se ku ingozi ukuhamba ngomkumbi,
ngokuba kwa se ku dhlulile umhla-
ngano wokuzila ukudhla, uPaule wa
ba luleka, 10 wa ti kubo, Madoda,
ngi ya bona ukuti loku kuhamba ku
za kuba nokulimala nokucitakala
okukulu, a ngi sho okwomtwalo no-
kwomkumbi wodwa, ngi sho nokwo-
kupila kwetu. 11 Kodwa induna
yekulu ya lalela kakulu inkosi yo-
mkumbi nomniniwo, ku na loko okwa
kulunywa uPaule. 12 Loku iteku

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

la be li nga lungile ukuhlala kona ebusika, iningi la beka icebo lokuba ba suke kona, be ti mhlaumbe ba nga finyelela eFenike, ba hlale kona ebusika; oku iteku la seKrete, eli bheke impumalanga e nga senyakato nenga seningizimu. **13** Iningizimu i sa pepeta kahle, ba cabanga ba ti ba ku zuzile aba be ku zondelele, ba kupula ihange ba gudhla iKrete eduze. **14** Kodwa emva kwesikati esi nge ngakanani kwa vunguza kona ku vela kulo isipepo esikulu, esi tiwa uUrakwilo: **15** kwa ti umkumbi se u tiwe bubu, u nga se na kubhekana nomoya, sa wu yeka sa qutshwa nje. **16** Sa ya sa shaya ngenzansi kwesiqingana esi tiwa iKauda, sa sindisa isikebhe kalukuni: **17** se be si fukulile, ba sebenzisa izinto zokusiza, ba wu bopa umkumbi ngapansi; b'esaba ukuti ba zo kahleleka eSirtes, ba finyeza oseyile, njaloke ba qutshwa. **18** Ku te ukuba si shikashikeke ngesipepo, ngangomso ba qala ukulahla impahla; **19** ngolwesitatu ba ntshinga izinto zomkumbi ngezandhla zabo. **20** Kwa ti se ku nga sa bonakali ilanga nezinkanyezi izinsuku eziningi, si cindezelwe isipepo esikulu, kwa se ku pela nya itemba lonke lokuba si nga sindiswa. **21** Se ku isikati eside be nga sa dhli, uPaule w'ema pakati kwabo, wa ti, Madoda, nga na lalela mina, a na muka eKrete, ni ze ni tole loku kulimala nokucitakala. **22** Kalokuke ngi ya ni luleka ukuba ni me isibindi; ngokuba a kako kini o ya kulahlekelwa ukupila kwake, umkumbi kupela. **23** Ngokuba be ku mi nga kimi nga lobu busuku ingelosi ka Nkulunkulu engi ngowake, nengimkonzayo, **24** ya ti, U ng'esabi, Paule; u melwe ukuma pambi ku ka Kesari: bheka, uNkulunkulu u ku nike ngomusa bonke labo aba hamba nawe ngomkumbi. **25** Ngakoke, madoda, yimani isibindi: ngokuba ngi ya kolwa uNkulunkulu, ukuti ku za kuba njengaloko oku kulunywe kimi. **26** Kepa si melwe ukuba si kahleleke esiqingini esitile.

27 Kepa se ku fike ubusuku beshumi nane, si sa qutshwaqutshwa elwandhle la seAdriya, kwa ti pakati kwobusuku amatilosi a cabanga ukuti a sondela ezweni elitile: **28** a linganisa ukuzika, a fumana ku amafatome amashumi amabili; a ti ukuqubeka kancane, a linganisa futi, a fumana ku amafatome a ishumi nesihlanu. **29** Esaba funa mhlaumbe si kahleleke engwaqangwaqeni, a ponsa amahange amane ngasemva, a fisa ukuba ku se. **30** Amatilosi e se funa ukubaleka emkunjini, e s'ehlisele isikebhe elwandhle, ngokungati a zo beka amahange ngapambili kwomkumbi, **31** wa ti uPaule enduneni yekulu na semabutweni, Uma laba be nga hlali emkunjini ni nge sindiswe. **32** Amabuto a s'e nquma amagoda esikebhe, a si yeka sa wa s'emuka. **33** Kwa ti lapo se ku za kusa, uPaule wa ba ncenga bonke ukuba ba dhle, e ti, Namhla ku usuku lweshumi nane ni lindile, ni hlezi ni nga dhli, ni nga yisanga luto emlonyeni. **34** Ngakoke ngi ya ni ncenga ukuba ni dhle: ngoba loku ku ngokwokusindiswa kwenu: a ku yi kububa na lunwele lwekanda la muntu kinina. **35** E se shilo loku, wa tabata isinkwa, wa bonga uNkulunkulu emehlweni abo bonke; wa si hlepula, wa qala ukudhla. **36** Ba se be ma isibindi bonke, ba dhla nabo. **37** Tina sonke esa si semkunjini be si abantu aba ngamakulu amabili namashumi a isikombisa nesitupa. **38** Ba ti ukuba ba sute ukudhla, ba pungula umkumbi, ba lahla ukolweni elwandhle. **39** Kwa ti se ku sile, a ba ze ba l'azi izwe: kepa ba bona icweba elitile eli nesihlabati, ba qondisana ukuti kazi ba nga wu qubela nje umkumbi kulo. **40** Ba kumula amahange, ba wa yeka elwandhle, be tukulula izintambo zamapini okuqondisa; ba pakamisela emoyeni useyili o ngapambili, ba qonda esihlabatini. **41** Ba teleka endaweni e nolwandhle inxa zombili, ba qubela umkumbi ogwini; ingapambili lomkumbi la gxumekeka l'ema a la nyakaza, kepa ngasemva wa qala ukuhlakazeka ngamandhla amaza.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Esiqingini sa seMelita. Ba fika eRoma. U shumayeza abaJuda.

42 Icebo lamabuto la li elokuba ku bulawe izibotshwa, funa ku be kona oweqa ngokuhlamba. 43 Kepa induna yekulu, i tanda ukusindisa uPaule, ya wa nqabela ecebweni lawo; ya ti labo aba kwazi ukuhlamba ma ba ziponse emanzini, ba fike kuqala emhlabatini: 44 abaseleyo ke ba pume, abanye ngamapulangwe, nabanye ngezinye izinto zomkumbi. Njaloke kwa ti bonke ba sinda ba pumela emhlabatini.

28 Kwa ti lapo se si sindile, kwa ba ikona se s'azi ukuba isiqingi si tiwa iMelita. 2 Amababaria a si pata ngobubele obu ng'andile; ngani, ngoba a basa umlilo, a s'amkela sonke, ngenxa yokuba ku kona imvula na ngenxa yamakaza. 3 Kwa ti uPaule e se cakashile ixa lezinsaba e zi beka emlilweni, kwa puma inyoka ngenxa yokufudumala, ya namatela esandhleni sake. 4 Amababaria a ti ukubona isilwane si jika esandhleni sake, a ti omunye komunye, Bala lo muntu u ngumbulali, noma e sindile elwandhle, impindiselo a i vumanga ukuba a pile. 5 Noko wa si nikinela isilwane emlilweni, ka z'a limala. 6 Kepa ba be bheke ukuti u za kuvuvuka, nokuba u za kuti po a fe: kepa se be bheke isikati eside be m bona e nga fikelwa ngozi, ba guquka emiqondweni yabo, ba ti u ngunkulunkulu.

7 Kwa ku kona eduze na leyo ndawo amazwe omuntu omkulu wesiqingi, igama lake nguPubliyo; owa s'amkela, sa ngenisa kwake si petwe ngobubele izinsuku ezintatu. 8 Kwa ti ke, uyise ka Publiyo wa e lele e kwelwe umkuhlane nembo: uPaule wa ngena kuye, wa tandaza, wa beka izandhla pezu kwake wa m pulukisa. 9 Se kwenziwe loko, b'eza nabanye aba be nezifo aba sesiqingini, ba piliswa. 10 Ba si tusa ngokutusa okuningi; kwa ti la se si muka, ba faka emkunjini izinto esizidingayo.

11 Emva kwezinyanga ezintatu sa muka ngomkumbi wa seAlesandriya owa u dhlulisa ubusika esiqingini, upau lwawo lu Amawele ka Jupitere. 12 Sa ti ukufika eSirakuse, sa hlala kona izinsuku ezintatu. 13 Sa suka lapo sa gwegwesa, sa fika eRegiyo: se ku dhlule usuku lwa ba lunye kwa vela umoya wa seningizimu, ngolwesibili sa fika ePuteoli; 14 sa fumana kona abazalwane, sa ncengwa ukuba si hlale nabo izinsuku ezi isikombisa: sa fika kanjaloke eRoma. 15 Kwa suka kona abazalwane, se be zwile ngati, b'eza kusihlangabeza ba za ba fika Enkundhleni ka Apiya na ku Ndhluntatu wezihambi; wa ti ukubabona uPaule, wa bonga uNkulunkulu, wa qunga isibindi.

16 Se si ngene eRoma, uPaule wa vunyelwa a zihlalele nje nebuto elimlindayo.

17 Kwa ti emva kwezinsuku ezintatu, wa bizela ndawonye aba izinhloko ku baJuda: se be butene wa ti kubo, Bazalwane, noma ngi ng'enzanga luto olu pambene nabantu, nemidabuko ya okoko, noko nga kashelwa ngi isiboshwa ezandhleni zamaRoma ngi suswa eJerusalem: 18 okwa ti ukuba a ngi hlole, a funa ukungikulula, ngokuba ku ngeko cala kimi lokuba ngi fe. 19 Se be melana nako abaJuda, nga sindezeleka ukulidhlulisela ku Kesari; ku nge siko ukuti ngi si bek'icala isizwe sa kiti nga luto. 20 Ngakoke yisona sici sokuba ngi ni ncenge ukuba ngi ni bone ngi kulume nani: ngoba ngenxa yetemba li ka Israeli, ngi gaxwe nga leli ketanga. 21 Ba ti kuye, A s'amkelanga zincwadi ngawe ezi vela eJudiya, a ku fikanga muntu wa ku bazalwane o bike wa kuluma uto olubi ngawe. 22 Kepa si ti ku fanele si zwe kuwe okucabangayo: ngokuba si y'azi nga leli hlelo ukuti ku kulunywa kabi ngalo ezindaweni zonke.

23 Se be m misele usuku, ba fika kuye la e ngenise kona bebaningi; wa casisela kubo, e fakaza ngombuso ka Nkulunkulu, wa ba qondisa ngoJesu, e tatela emtetweni ka Moses na ku baprofeti, wa qala kusasa kwa sa kwa hlwa. 24 Abanye ba kolwa iloko okwa kulunywayo, abanye ka ba kolwanga. 25 Kwa t'uba ba nga vumelani, b'emuka uPaule e se ku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U shumayela eRoma iminyaka emibili.

lume izwi linye lokuti, Wa sho kahle uMoya oNgcwele ngoIsaya umprofeti kokoko benu, 26 e ti,

Hamba u ye ku laba bantu, u ti,
Ukuzwa ni ya kuzwa, ni nga ze na qonda;
Ukubona ni ya kubona, ni nga ze n'azi:
27 Ngokuba inhliziyo ya laba bantu i kulupele,
B'ezwa kanzima ngezindhlebe,
Amehlo abo ba wa te name;
Funa mhlaumbe ba bone nga-mehlo,
B'ezwe ngezindhlebe,
Ba qonde ngenhliziyo,
Ba penduke,
Ngi ba pulukise.

28 Ngakoke ma kwazeke kini, ukuba lolu sindiso lu ka Nkulunkulu lu tunyelwe kwabezizwe: bonake ba ya kuzwa.*

30 Wa hlala iminyaka emibili epeleleyo kweyake indhlu ayiqashileyo, w'amkela bonke aba ngena kuye, 31 e shumayela umbuso ka Nkulunkulu, e fundisa izindaba zeNkosi uJesu Kristu ngesibindi, e nga nqatshelwa muntu.

*Amanye amakopi a ne v. 29: Kwa t'uba a sho loku abaJuda ba puma be nokupikisana okukulu pakati kwabo.

INCWADI KA PAULE KWABA

SEROMA

Ukubingelela. Ivangeli. Abezizwe ba dinga ukulunga.

1 UPaule, inceku ka Jesu Kristu, o bizwe ukuba a be umpostoli, w'ahlukaniselwa ivangeli li ka Nkulunkulu, 2 a li tembisa ngapambili ngabaprofeti bake emibhalweni engcwele, 3 mayelana neNdodana yake, e ya vela enzalweni ka Davida ngokwenyama, 4 ya qanyiswa nga-mandhla ukuti yiNdodana ka Nkulunkulu, ngokomoya wobungcwele, ngokuvuka kwabafileyo; uJesu Kristu iNkosi yetu, 5 es'amkela ngaye umusa nobupostoli, ku be ukulalela kokukolwa ezizweni zonke ngenxa yegama lake; 6 eni kuzo nani enibiziweyo ukuba ni be aba ka Jesu Kristu: 7 kubo bonke aba seRoma, abatandiweyo ba ka Nkulunkulu, ababiziweyo ukuba ba be abangcwele: A ku be kinina umusa nokutula oku vela ku Nkulunkulu uBaba wetu na seNkosini uJesu Kristu.

8 Kuqalake, ngi bonga uNkulunkulu wami ngoJesu Kristu ngani nonke, ngokuba ukukolwa kwenu ku menyezelwa emhlabeni wonke. 9 Ngoba u ngufakazi wami uNkulunkulu, engimkonzayo emoyeni wami evangelini leNdodana yake, wokuti a ngi pezi ukunipata njalo emitandazweni yami 10 ngi nxusa ukuba mhlaumbe ngi nga hle ngi ze ngi hanjiswe kahle ngentando ka Nkulunkulu ukuza kinina. 11 Ngokuba ngi langazelela ukunibona, ukuze ngi n'abele isipo simbe somoya, ni simamiswe; 12 loko ku ti, si tokozisane nani pakati kwenu, ngokukolwa oku kitina sobabili okwenu nokwami. 13 A ngi tandi ukuba ni ng'azi, bazalwane, ukuti nga ngi zimisele futifuti ukuza kinina (kepa nga bambezeleka ku ze ku be manje), ukuze ngi be nezitelo na kinina njenga kwezinye izizwe. 14 Ngi necala ku maGreki na ku maBabariya, kwabahlakanipileyo na kwaba nga hlakanipile. 15 Njaloke ngoku kimi, ngi zondelele ukushumayela ivangeli na kinina aba seRoma.

16 Ngoba a ngi namahloni ngevangeli: ngoba li ngamandhla ka Nkulunkulu ku be usindiso kuye wonke okolwayo: umJuda kuqala nomGreki futi. 17 Ngoba kulo ku y'ambulwa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ukulunga oku ngoNkulunkulu ku vela ekukolweni ku yisa ekukolweni: njengokulotshiweyo ukuti, Olungileyo wo pila ngokukolwa.

18 Ngoba ku y'ambulwa nga sezulwini ulaka lu ka Nkulunkulu pezu kwako konke ukungahlonipi uNkulunkulu nokungalungi kwabantu, aba bambezela iqiniso ngokungalungi; 19 ngokuba loko okwazeka ngoNkulunkulu ku sobala pakati kwabo; ngoba uNkulunkulu wa ku bonakalisa kubo. 20 Ngoba oku nge na kubonwa kwake iloku kwa datshulwa umhlaba ku bonwa ngokucacileyo, ku qondwa ngezinto ezenziweyo, amandhla ake emi njalo nobuNkulunkulu; ukuze ba nga bi na kuzipendulela: 21 ngokuba ku te, be m azi uNkulunkulu, a ba m dumisanga njengokuba e nguNkulunkulu a ba bonga; ba luteka ekuzindhleni kwabo, inhliziyo yabo engaqondiyo ya ba mnyama. 22 Ba ti be zishaya aba hlakanipile, ba ba iziula, 23 ba pendula ubukosi bu ka Nkulunkulu ongabubiyo bu fane nomfanekiso wabantu ababubayo, nezinyoni, noku nezinyawo ezine, nokuhuquzelayo.

24 Ngakoke uNkulunkulu wa ba dedela ezinkanukweni zezinhliziyo zabo ku ze ku be ukungcola, kokokuba ba tunisane imizimba: 25 abona b'enanisa iqiniso li ka Nkulunkulu ngamanga, ba hlonipa ba konza okudaliweyo ku noMdali, obongekayo ku ze ku be nini. Amen.

26 Nga lokoke uNkulunkulu wa ba dedela ekuhuhekeni okutunisayo: ngobake abesifazana babo ba pendula ukwenza kwemvelo kwa ba oku pambene nemvelo: 27 njalo nabesilisa, ba yeka ukwenza kwemvelo ngabesifazana, ba sha ngokuganungana, abesilisa b'enza kwabesilisa okuyicilo, be zitolela impindiselo yokweduka kwabo efaneleyo.

28 Njengaloku be m enza imvibili uNkulunkulu ukuba ba nga hlali be m azi, uNkulunkulu wa ba dedela ba be izimvibili ngenhliziyo, b'enze oku nga fanele; 29 be gcwele konke ukungalungi, nokushinga, nokufisa, nefundululu be gcwele umona, nokubulala, nenkani, nenkohliso, nobuqwengu; abenza izicagogwana; 30 abanyevuzayo, aba zondeka ku Nkulunkulu, izibudhlakali, abazidhlayo, abazigqabhayo, aba qamba okubi, aba nga laleli abazali, 31 aba nge nako ukuqonda, abapuli bezivumelwano, aba nge na sisa kwaba kwabo, aba nge na sihau; 32 aba ti be s'azi isimiso si ka Nkulunkulu, sokuti aba gila okunjalo ba fanele ukufa, a b'enzi loku kupela, kodwa ba vumelana nabakugilayo.

2 Ngakoke a u na kuzipendulela, wena muntundini, o suka wahlulela: ngokuba nga loko o wahlulela ngako omunye, u ya zilahla wena; ngoba nawe owahlulelayo u ya ku gila konaloko. 2 Si y'azi ukuba ukwahlulela ku ka Nkulunkulu ku ya ngokweqiniso kwaba gila okunjalo. 3 Po, u cabanga loku yini, muntundini, wena o wahlulela aba gila okunje u b'u kwenza kona, ukuba u ya kupepa ukwahlulela ku ka Nkulunkulu na? 4 Kumbe u ya delela yini ingcebo yobunene bake nenyewe nokubekezela, u ng'azi ukuti ubunene bu ka Nkulunkulu bu ku yisa ekupendukeni na? 5 kepa ngobulukuni bako nenhliziyo engapendukiyo u ya zibekelelela ulaka ngosuku lolaka nokwambulwa kwokwahlulela okulungileyo ku ka Nkulunkulu; 6 o ya kuvuza ilowo ngokwemisebenzi yake: 7 ku labo aba ti ngokukutazela ekwenzeni okuhle ba funa udumo nokutuseka nokungabubi ko ba ukupila okumiyo njalo: 8 kepa ku labo aba nombango, be nga laleli iqiniso, be lalela ukungalungi, ko ba ulaka nokufuteka, 9 ukukatazeka nokudadeka, ku bantu bonke ab'enza okubi, umJuda kuqala, nomGreki futi; 10 kepa ko ba udumo nokutuseka nokutula kuye wonke o wenza okulungileyo, umJuda kuqala, nomGreki futi: 11 ngokuba a kuko ukuketa ubuso ku Nkulunkulu. 12 Ngoba bonke abonileyo be nge na mteto ba ya kububa be nge na mteto: bonkeke abonileyo be pansi kwomteto ba ya kwahlulelwa ngo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

mteto; 13 ngoba a sibo ab'ezwayo
umteto aba lungile ku Nkulunkulu,
kepa abaw'enzayo umteto ba ya ku-
tetwa; 14 (ngoba nxa abezizwe aba
nge na mteto b'enza ngokwemvelo
okwomteto, laboke, be nge na mteto
nje, ba ngumteto wabo ngokwabo; 15
abona be bonakalisa umsebenzi wo-
mteto u lotshiwe ezinhliziyweni zabo,
unembeza wabo e fakazelana nawo
futi, nezizindhlo zabo ezinye nezi-
nye zi ba bek'icala mhlaumbe zi ba
pendulele); 16 ngosuku uNkulunku-
lu a za kwahlulela ngalo okufihla-
keleyo kwabantu, ngokwevangeli lami
ngoJesu Kristu.

17 Kepa uma u tiwa u ngumJuda,
wencike emtetweni, u gabisa ngo Nku-
lunkulu, 18 u y'azi intando yake, u
keta okuhle, u fundisiwe okwomteto,
19 u zitembile ukuti u ngumholi we-
zimpumpute, u ngukukanya kwaba
sebumnyameni, 20 umyalukisi waba
iziwula, umfundisi wezingane, u no-
kuma kokwazi nokweqiniso emte-
tweni; 21 po wena o fundisa omunye,
a u zifundisi wena na? wena o shu-
mayela ukuti a ku ng'ebiwa, u y'eba
na? 22 wena o ti a ku nga pingwa,
u ya pinga na? wena owenyanya izito-
mbe, u panga amatempeli na? 23
wena o gabisa ngomteto u buya u
tunise uNkulunkulu ngokweqa kwako
umteto na? 24 Ngoba igama li ka
Nkulunkulu li ya hlambalazwa pa-
kati kwabezizwe ngenxa yenu nje-
ngokulotshiweyo. 25 Aike ukusoka
ku ya siza kambe, uma wenza umteto:
kantike uma u ngoweqa umteto,
ukusoka kwako ku penduke ukunga-
soki. 26 Ngakoke uma o nga sokile
e gcina izimiso zomteto, ukungasoki
kwake a ku yi kutiwa ku ukusoka na?
27 ukungasoki oku ngokwemvelo,
uma ku pelelisa umteto, a ku yi kwa-
hlulela wena o ti u nawo olotshiweyo
nokusoka u be ngumeqi womteto na?
28 Ngoba a siye umJuda o nguye
ngokubonakalayo; a siko ukusoka
oku yiko ngokubonakalayo enyameni:
29 lowo u ngumJuda o nguye nga-
pakati; nokusoka ku yiloko oku ngo-
kwenhliziyo, emoyeni ku nge ngokwe-
gama; okubatshazwa kwake a ku veli
ku bantu, ku vela ku Nkulunkulu.

3 Po, umJuda u nokwahlula kuni
na? ku na lusizo luni ukusoka
na? 2 Kakulu ngezindhlela zonke:
kuqala, ngokuba ba patiswa amazwi
ka Nkulunkulu. 3 Ku yini nokuba
abanye be nga kolwanga na? uku-
ngakolwa kwabo ku ya kushafisa
ukukoleka ku ka Nkulunkulu na?
4 Hayi: uNkulunkulu ma ka be o
neqiniso, ba be namanga abantu bo-
nke; njengokulotshiweyo ukuti,

Ukuze u tetwe emazwini ako,
U nqobe nxa u ya ekwahlule-
lweni.

5 Kepa uma ukungalungi kwetu ku
bonakalisa ukulunga ku ka Nkulu-
nkulu, si ya kutini na? UNkulu-
nkulu u ngo nga lungile yini o wehli-
sela ulaka? (Ngi kulumisa okwabà-
ntu.) 6 Hayi: uNkulunkulu u ya
kwahlulela umhlaba kanjani po? 7
Kepa uma iqiniso li ka Nkulunkulu
li vama ngamanga ami ku be udumo
lwake, ngi s'ahlulelelwani njengeso-
ni? 8 ku nga bi ngakanye (njengaloko
esi hlambalazwa ngako, ku sho aba-
nye ukuti si ti), Ma s'enze okubi,
ukuze ku vele okulungileyo na? aba-
kulahlwa kwabo ku fanele.

9 Yini po? si ya ba dhlula na?
Qa, nakanye: be se si ba beke icala
abaJuda namaGreki, lokuti ba pansi
kwokona bonke; 10 njengokulotshi-
weyo ukuti,

A kako olungileyo, a kako noye-
dwa;
11 A kako oqondayo
A kako o funa uNkulunkulu;
12 Ba pambukile bonke, ba pendu-
k'imbuqa nje;
A kako owenza okuhle, qa, kako
noyedwa:
13 Umpimbo wabo u ituna elivule-
kileyo;
Ba kohlisile ngezilimi zabo:
Isihlungu sa omantshingeyana si
pansi kwezindebe zabo:
14 Abamlomo wabo u gcwele uku-
bina nokubaba:
15 Izinyawo zabo zi shesha ukupa-
laza igazi;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isu li ka Nkulunkulu lokusindisa. Li bonwa ku Abraham.

16 Ukucitakala nosizi ku sezindhle-
leni zabo;
17 Indhlela yokutula a ba y'a-
zanga:
18 Ukumesaba uNkulunkulu a kuko
pambi kwamehlo abo.
19 Si y'azike ukuti loku okushoyo umteto, u kuluma kubo aba pansi kwomteto; ukuze ku vinjwe imilomo yonke, umhlaba wonke u be necala pambi ku ka Nkulunkulu: 20 ngokuba ngemisebenzi yomteto a ku yi kutetwa nyama emehlweni ake; ngoba ngomteto ku kona ukwazi ukwona.

21 Kepa kaloku ngapandhle kwomteto ku bonakaliswe ukulunga oku ngoNkulunkulu, ku fakazelwa ngumteto nabaprofeti; 22 ngi sho ukulunga oku ngoNkulunkulu ngokukolwa ku Jesu Kristu kubo bonke abakolwayo; ngoba a kuko mahluko; 23 ngokuba b'onile bonke, ba silele ebukosini bu ka Nkulunkulu; 24 be tetwa ngesihle ngomusa wake ngokuhlengwa oku ku Kristu Jesu: 25 ammisileyo uNkulunkulu a be ukushweleza, ngokukolwa, ngegazi lake, ku bonakaliswe ukulunga kwake ngenxa yokuyekwa kwezono ez'enziwa ngapambili, ngenyewe ka Nkulunkulu; 26 e, ku bonakaliswe ukulunga oku ngaye nga le nkati ya kaloku: ukuze a be olungileyo yena, futi a be umlungisi wa lowo o ngowokolo lu ka Jesu. 27 Poke kupi ukugabisa? Ku valelwe pandhle. Nga mteto muni? ngowemisebenzi na? Qa: ngomteto wokukolwa. 28 Ngakoke si ti umuntu u tetwa ngokukolwa ngapandhle kwemisebenzi yomteto. 29 Kumbe uNkulunkulu u ngowabaJuda kupela na? ka siye uNkulunkulu wabezizwe futi na? Yebo, nowabezizwe futi: 30 inxa kambe uNkulunkulu e munye, o ya kuteta abasokayo ngokukolwa, naba nga sokiyo ngako ukukolwa.

31 Po, si shafisa umteto ngokukolwa na? Hayi: si misa wona umteto.

4 Poke yintoni esi ya kuti uAbraham, ukoko wetu, u yi zuzile ngokwenyama na? 2 Ngoba uma uAbraham wa tetwa ngemisebenzi, u nako a nga gabisa ngako; kantike qa pambi ku ka Nkulunkulu. 3 Ngani ngoba i tini imibhalo? I ti, uAbraham wa kolwa uNkulunkulu, kwa balelwa kuye ku tiwa ukulunga. 4 Kosebenzayoke, umvuzo a u balwa ku tiwe ng'okwomusa, ku tiwa ng'okwecala. 5 Kepa kongasebenziyo, e kolwa kuye o teta o be nga hlonipi uNkulunkulu, ukukolwa kwake ku balwa ku tiwe ukulunga. 6 Njengoba noDavida u ya si sho isibusiso sa lowo muntu, uNkulunkulu a m balela ukulunga ngapandhle kwemisebenzi, 7 e ti,

Ba busisiwe aba kubi kwabo ku
tetelelwe,
Naba zono zabo zi sibekelwe.
8 U busisiwe lowo muntu iNkosi e
nga yi kumbalela ukwona.

9 Loku kubusiswa ku shiwo kwabasokayo nje, a ku shiwo na kwabangasokiyo futi na? ngoba si ti, Ku Abraham ukukolwa kwake kwa balelwa kwa tiwa ukulunga. 10 Po kwa balelwa kanjani na? e sekusokeni, nokuba e sekungasokini na? Kwa ku nge sekusokeni, kwa ku sekungasokini: 11 w'amkelake isibonakaliso sokusoka, upau lokulunga oku ngokukolwa a e nako e sekungasokini: ukuba a be uyise wabo bonke abakolwayo, noma be sekungasokini, ukuze ukulunga ku balelwe ku bona; 12 a be uyise wokusoka ku labo aba nge sibo abokusoka kodwa, kepa be hamba emkondweni wa loko kukolwa ku ka baba wetu uAbraham a e nako e sekungasokini. 13 Ngokuba a ku yanga ngomteto ukuba ku tenjiswe uAbraham nenzalo yake ukuti u ya kuba indhlalifa yomhlaba, kodwa kwa ya ngokulunga oku ngokukolwa. 14 Ngoba uma abomteto be izindhlalifa, ukukolwa kwenziwa ize, nesitembiso si shafisiwe: 15 ngoba umteto wenza ulaka; kepa lapo u ngeko umteto, a kuko nokweqa. 16 Nga lokoke ku ya ngokukolwa, ukuze ku be ngokwomusa; ukuze isitembiso si qiniseke enzalweni yonke; ku nga bi kweyomteto yodwa, ku be na ku leyo e ngeyokukolwa ku ka Abraham, o ngubaba wetu sonke 17 (njengoku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lotshiweyo ukuti, Ngi kwenzile u be uyise wezizwe eziningi) pambi kwa lowo a kolwa kuye, uNkulunkulu, o b'enza ba pile abafileyo, a biza oku ngeko ngokungati ku kona. 18 Owa ti ku ngeko temba wa kolwa e netemba, ukuze a be uyise wezizwe eziningi, njenga loko okwa ku kulunyiwe ukuti, Yo ba njalo inzalo yako. 19 Ka banga na butakataka ekukolweni e buka umzimba wake kungati u s'u file (e neminyaka kungati ikulu), nesisu si ka Sara si file nje; 20 kanti, maqondana nesitembiso si ka Nkulunkulu, ka nqikazanga ngokungakolwa, wa qiniswa ngokukolwa, e nika uNkulunkulu udumo, 21 e qinisekile ukuti loku akwetembisile, u namandhla nokukwenza. 22 Ngakoke kwa balelwa kwa tiwa ukulunga kuye. 23 Kepake a ku lotshwanga ngenxa yake yedwa, ukuti kwa balelwa kuye; 24 kwa lotshwa na ngenxa yetu, oku za kubalelwa kitina, aba kolwa uye owa vusa uJesu iNkosi yetu kwabafileyo, 25 owa yiswa ekufeni ngenxa yezipambuko zetu, wa vuselwa ukutetwa kwetu.

5 Ngakoke loku si tetiwe ngokukolwa, si nokutula ku Nkulunkulu ngayo iNkosi yetu uJesu Kristu; 2 oku ngaye sa ba nokungena ngokukolwa ku lo musa esi mi kuwo; si zigabisa ngokwetemba ubukosi bu ka Nkulunkulu. 3 A ku yiloko kupela, kepa si zigabisa na sekukatazekeni kwetu: s'azi ukuti ukukatazeka kwenza ukukutazela; 4 ukukutazela kwenza ukuvunyelwa; ukuvunyelwa kwenza itemba; 5 itemba a li jabisi; ngokuba utando lu ka Nkulunkulu lu teliwe ezinhliziyweni zetu ngoMoya oNgcwele esamnikwayo. 6 Ngoba si se butakataka, uKristu wa fela aba be nga hlonipi uNkulunkulu, ngenkati efaneleyo. 7 Ngoba ku nga ba into e nga vamile ukuba umuntu a fele olungileyo nje: mhlaumbe ku nga ze ku be kona o nga ba nesibindi sokufela ovileyo. 8 Kanti uNkulunkulu u ya bonakalisa utando lwake nga kitina, loku sa ti si se izoni, uKristu wa si fela. 9 Kakulu kangakanani po, se si tetiwe ngegazi lake, si ya kusindiswa ngaye ku lolo lulaka. 10 Ngoba uma ku te si izita sa zuza ukubuyisana noNkulunkulu ngokufa kweNdodana yake, kakulu kangakanani se si buyisene, si ya kusindiswa ngokupila kwayo; 11 a ku yiloko kupela, kepa si ya gabisa futi ngaye uNkulunkulu ngenKosi yetu, uJesu Kristu, e se s'amkeliswe ngaye ukubuyisana.

12 Nga lokoke, njengokuba nga muntu munye ukwona kwa ngena emhlabeni, nokufa kwa ngena ngokwona; kwa njaloke ukufa kwa dhlulela ku bantu bonke, loku bonke b'ona: —13 ngokuba u nga ka biko umteto ukwona kwa ku kona emhlabeni; kepa a ku balelwa ku ukwona u ngeko umteto. 14 Noko ukufa kwa busa ku tata ku Adam kwa za kwa ba ku Moses, na pezu kwaba ng'onanga ngohlobo lokupambuka ku ka Adam, o ngumfanekiso wa lowo o be za kuza. 15 Kodwa isipiwo somusa, a si njengoba si njalo isipambuko. Ngokuba uma ba fa abaningi ngesipambuko sa lowo e munye, kakulu kangakanani kwa vama kwabaningi umusa ka Nkulunkulu, nesipiwo ngomusa wa lowo muntu munye uJesu Kristu. 16 Njalo isipiwo a si njeng'oku vela nga lowo e munye ow'onayo: ukwahlulelwa kwa ba ngoyedwa ku be ukulahlwa, kantike isipiwo somusa sa ba ngezipambuko eziningi ku be ukutetwa. 17 Ngokuba uma ngesipambuko sa lowo e munye, ukufa kwa busa nga lowo e munye; kakulu kangakanani labo ab'amkela ukucicima kwomusa nokwesipiwo sokulunga ba ya kubusa ekupileni nga lowo e munye, uJesu Kristu. 18 Ngakoke njengokuba ngesipambuko sinye kwa ba ukwahlulelwa ku bantu bonke ku be ukulahlwa; kwa njalo ngesenzo sinye sokulunga kwa ba isipiwo somusa ku bantu bonke ku be ukutetwa kwokupila. 19 Ngokuba njengaloko ngokungalaleli kwa lowo muntu e munye abaningi b'enziwa izoni, ko ba njalo ngokulalela kwa lowo e munye abaningi ba ya kwenziwa aba-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lungileyo. 20 Umteto wa ngena nawo ukuba ku vame isipambuko; kepa lapa kwa vama ukwona, umusa wa cicima kakulu kona; 21 ukuze, njengokuba kwa busa ukwona ngokufa, ku buse umusa kanjalo ngokulunga ku be ukupila okumiyo njalo ngoJesu Kristu iNkosi yetu.

6 Po si za kutini? Si hlale ekwoneni, ukuze ku vame umusa na? 2 Hayi. Tina esafayo nga sekwoneni, si nga be si sa hamba kanjani kuko na? 3 Kumbe a n'azi yini ukuti tina sonke esa bapatizelwa ku Kristu Jesu sa bapatizelwa kuko ukufa kwake na? 4 Ngakoke sa mbelwa kanye naye ngokubapatizelwa kuko ukufa: ukuze njengokuba uKristu wa vuswa kwabafileyo ngobukosi bu ka Yise, ngokunjalo nati si hambe ngokupila okusha. 5 Ngoba uma s'enziwe munye naye ngoku fana nokufa kwake, si ya kuba njalo na ngoku fana nokuvuka kwake: 6 s'azi loku ukuti umuntu wetu omdala wa betelwa kanye naye, ukuze ku peliswe umzimba wokwona, si nga be si sa ba izigqili zokwona; 7 ngokuba lowo o se file u kululiwe ekwoneni. 8 Kepa uma sa fa kanye noKristu, si ya kolwa ukuti si ya kupila kanye naye; 9 s'azi ukuti uKristu loku e se vusiwe kwabafileyo ka sa fi; ukufa a ku se na bukosi pezu kwake. 10 Ngokuba loko kufa a fa ngako, wa fa nga sekwoneni kanye kupela: kepa ukupila a pila ngako, u ku pila nga ku Nkulunkulu. 11 Ngokunjalo nani ma ni ti ni file kambe nga sekwoneni, kepa ni pilile nga ku Nkulunkulu ku Kristu Jesu.

12 Ngakoke a ku nga busi ukwona emzimbeni wenu ofayo, ni ze ni lalele izinkanuko zawo: 13 futi ni nga nikeli izito zenu ekwoneni zi be izikali zokungalungi; zinikeleni ku Nkulunkulu, njengaba pilile be be file, nezito zenu zi be izikali zokulunga ku Nkulunkulu. 14 Ngoba ukwona a ku yi kuba na bukosi pezu kwenu: ngoba a ni pansi kwomteto, ni pansi kwomusa.

15 Yini po? s'one na, ngoba si nge pansi kwomteto, si pansi kwomusa nje? Hayi. 16 A n'azi yini ukuti lowo eni zinikela kuye ni izigqili zokulalela, ni izigqili za lowo enimlalelayo; noma ezokwona ku be ukufa, noma ezokulalela ku be ukulunga? 17 Kepa ma ka bongwe uNkulunkulu, ngoba nakuba kade ni izigqili zokwona, se na lalela ngenhliziyo isimo sokufundisa ena yiswa kuso; 18 na ti se ni kululiwe ekwoneni na ba izigqili zokulunga. 19 Ngi kulumisa okwabantu ngenxa yobutakataka benyama yenu: njengaloku na nikela izito zenu zi be izigqili zokungcola nokubi ku be okubi, ngokunjalo kaloku nikelani izito zenu zi be izigqili zokulunga ku be ubungcwele. 20 Ngoba lapo na ni izigqili zokwona, na ni ngaba kululekile nga sekulungeni. 21 Na ni nezitelo zini po, nga leso sikati, ezintweni e se ni nezinhloni ngazo kaloku na? ngoba isigcino sa lezo zinto si ukufa. 22 Kepa kaloku se ni kululwe ekwoneni ni izigqili zi ka Nkulunkulu, ni nezitelo zenu ku be ubungcwele, nesigcino si ukupila okumiyo njalo. 23 Ngokuba inkokelo yokwona i ngukufa; kepa isipo somusa si ka Nkulunkulu si ukupila okumiyo njalo ku Kristu Jesu iNkosi yetu.

7 Kumbe a n'azi yini, bazalwane (ngi kuluma nabaziyo umteto pela), ukuti umteto u nobukosi pezu kwomuntu ngesikati leso a kona ngaso? 2 Ngoba owesifazana o nendoda u boshelwe ngomteto endodeni i se kona; kepa nxa indoda i fa, u pumile nya emtetweni wendoda. 3 Ngakoke uma ku ti indoda i se kona, a be ngowenye indoda, u ya kutiwa isipingi: kepa nxa ku fa indoda, u kululekile emtetweni, njaloke a ka siso isipingi, noma e ba ngowenye indoda. 4 Njaloke, bazalwane bami, nani se n'enziwa abafileyo nga semtetweni ngomzimba ka Kristu; ukuze ni be ngowomunye, lowo owa vuswa kwabafileyo, ukuze si telele uNkulunkulu izitelo. 5 Ngoba lapo sa si senyameni, ukuhuheka kwezono okwa ya ngomteto, kwa sebenza ezitweni zetu si ze si telele ukufa izitelo. 6 Kepa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kaloku si pume nya emtetweni, si file ku loko e be si banjwe yiko; ngangoba si konża ngobusha bomoya, ku nge ngobudala begama.

7 Po si za kutini na? Umteto u ukwona na? Hayi. Nokoke nga ku be a ngi kwazanga ukwona, nxa be ku nge ngomteto: ngoba nga ku be a ngi kwazanga ukufisa, uma u nga shongo umteto ukuti, U nga fisi: **8** kepa ukwona, kwa tola ituba ngomyalo, kwa sebenza kimi ukufisa konke: ngoba ngapandhle kwomteto ukwona ku file. **9** Nga ngi kade ngi pila ngapandhle kwomteto: kepa kwa t'uba ku fike umyalo, kwa vuseleleka ukwona, nga fa; **10** kwa ti umyalo o b'u ngowokupila, lowoke nga wu fumana u ngowokufa: **11** ngokuba ukwona ku te ku tola ituba ngomyalo kwa ngi kohlisa, kwa ngi bulala ngawo. **12** Njaloke umteto u ngcwele, nomyalo u ngcwele, u lungile, muhle. **13** Po, okulungileyo kwa ba ukufa kimi na? Hayi. Kodwa ukwona, ukuze ku bonakale ku ukwona, loku kwenza ukufa kimi nga loko okulungileyo;—ukuze ku ti ngomyalo ukwona ku be ukwona ngokudhluleleyo. **14** Ngoba si y'azi ukuti umteto u ngowomoya: kepa mina ngi ngowenyama, ngi tengisiwe ngapansi kwokwona. **15** Ngoba loko engikwenzayo a ngi kwazi: ngoba a ku siko engikutandayo engikwenzayo; loko engikuzondayo, yikona engikwenzayo. **16** Kepa uma ng'enza engingakutandiyo, ngi vumela umteto ukuti muhle. **17** A ku se minake okwenzayo, ku ukwona oku hlala kimina. **18** Ngoba ngi y'azi ukuti kimina oku ukuti enyameni yami a ku hlali okulungileyo: ngoba ku kona kimi ukutanda, kepa ukwenza okuhle a kuko. **19** Ngoba okulungileyo engikutandayo a ngi kwenzi: kepa okubi engingakutandiyo, ngi ya kwenza. **20** Kepa uma engingakutandiyo ngi kwenza kona loko, a ku se mina okwenzayo, ku ukwona oku hlala kimi. **21** Ngi fumanake umteto wokuti kimina o tanda ukwenza okuhle, ku suka ku be kona okubi. **22** Ngoba ngi y'enama emtetweni ka Nkulunkulu ngokomuntu o pakati: **23** kepa ngi bona umteto ow'ahlukile ezitweni zami, u lwa nomteto wenhliziyo yami, u ngi tumbela emtetweni wokwona o sezitweni zami. **24** Wo, mina muntu o lusizi! ubani o ya kungihlangulisa emzimbeni wa loku kufa na? **25** Ngi bonga uNkulunkulu ngoJesu Kristu iNkosi yetu. Ngakoke mina ngokwami ngenhliziyo kambe ngi konza umteto ka Nkulunkulu; kepa ngenyama ngi konza umteto wokwona.

8 Ngakoke a ku seko ukulahlwa kwaba ku Kristu Jesu. **2** Ngoba umteto ka Moya wokupila oku ku Kristu Jesu u ngi kulule emtetweni wokwona nowokufa. **3** Ngoba loko owa hluleka ngako umteto, ngokuba u butakataka ngenxa yenyama, wa kwenza uNkulunkulu e tuma iNdodana yake i fana nenyama yokwona i tunyelwe ukwona, wa lahla ukwona enyameni: **4** ukuze isimiso somteto si gcwaliseke kitina, esi nga hambi ngokwenyama, si hamba ngoku ka Moya. **5** Ngokuba aba ngabokwenyama ba naka okwenyama; kepa aba ngaba ka Moya ba naka oku ka Moya. **6** Ngoba umnako wenyama u ngukufa; umnako ka Moya u ngukupila nokutula: **7** ngokuba umnako wenyama u ngubuta ku Nkulunkulu; ngoba a u wu tobeli umteto ka Nkulunkulu, futi u ngeke: **8** aba senyameni a ba na kumtokozisa uNkulunkulu. **9** Kepa nina a ni senyameni, ni ku Moya, inxa pela uMoya ka Nkulunkulu e hlala kini. Kepa uma umuntu e nge naye uMoya ka Kristu, a siye owake. **10** Uma pela uKristu e kinina, umzimba u file ngenxa yokwona; kepa umoya u ngukupila ngenxa yokulunga. **11** Inxa uMoya wa lowo owa vusa uJesu kwabafileyo e hlala kinina, yena owa vusa uKristu Jesu kwabafileyo u ya kuy'enza i pile nemizimba yenu efayo ngaye uMoya wake o hlala kinina.

12 Ngakoke, bazalwane, si necala, ku nge siko enyameni, lokuba si hambe ngokwenyama: **13** ngokuba uma

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukwenziwa amadodana. A si na kuhlukaniswa notando lwake.

ni hamba ngokwenyama, ni za'ukufa; kepa uma ni ti ngaye uMoya ni bulala izenzo zomzimba, ni za kupila. **14** Ngoba bonke aba holwa uMoya ka Nkulunkulu laba ba ngamadodana ka Nkulunkulu. **15** Ngoba a n'amkeliswanga umoya wobugqili wokuba ni buye n'esabe; n'amkeliswe umoya wab'enziwa amadodana, esi memeza ngawo si ti, Abba, Baba. **16** UMoya uqobo u fakaza kanye nomoya wetu, ukuti si ngabantwana ba ka Nkulunkulu: **17** uma si ngabantwana, si izindhlalifa futi; izindhlalifa zi ka Nkulunkulu, izindhlalifa kanye no-Kristu; uma pela si hlupeka kanye naye, ukuze si nikwe ubukosi kanye naye.

18 Ngokuba ngi ti ukuhlupeka kwesikati sa manje a ku na kulinganiswa nobukosi obu za kwambulwa kitina. **19** Ngokuba ukulangazela kwokudaliweyo ku lindele ukuhlalukiswa kwamadodana ka Nkulunkulu. **20** Ngokuba okudaliweyo kwa tobiselwa ezeni, ku nge nga kuvuma kwako, ku ya nga lowo owakutobisayo, ku netemba **21** lokuti okudaliweyo nako ku ya kukululwa ebugqilini bokububa ku ngene enkululweni yobukosi babantwana ba ka Nkulunkulu. **22** Ngoba si y'azi ukuti okudaliweyo konke ku ya bubula, ku nenimba kanyekanye ku ze ku be manje. **23** A ku yiloko kupela, kepa nati esi nolibo lu ka Moya, tina uqobo si ya bubula pakati kwetu, si lindela ukwenziwa amadodana, oku ukuti ukuhlengwa kwomzimba wetu. **24** Ngoba sa sindiswa ngetemba: kepa itemba elibonwayo a silo itemba: ngoba ubani owetemba loko akubonayo? **25** Kepa uma si temba loko esingakuboniyo, si ku lindela ngokukutazela.

26 Ngokunjaloke noMoya u ya sizana nobutakataka betu: ngoba ukutandaza njengokufaneleyo a si kwazi; kepa uMoya uqobo u ya si tayizela ngokububula oku nge na kupunyiselwa; **27** lowo o penya izinhliziyo w'azi oku ngumnako ka Moya, ngokuba e ba tayizela abangcwele ngoku ka Nkulunkulu. **28** Si y'azi ukuti kwabamtandayo uNkulunkulu konke ku hlangene ukwenza okuhle, kubo ababiziweyo ngecebo lake. **29** Ngokuba labo ab'aziyo pambili, wa ba misa pambili ba fuze ukuma kweNdodana yake, ukuze i be izibulo ku bazalwane abaningi: **30** labo abamisayo pambili, wa ba biza: na labo ababizayo, wa ba teta: na labo abatetayo, wa ba nika ubukosi.

31 Po si za kutini ku lezi zinto na? Uma uNkulunkulu e nga kiti, ubani o nga melana nati na? **32** O nga yi godhlanga iNdodana yake uqobo, wa yi nikela ngenxa yetu sonke, ku nga ba kanjani ukuba a nga si niki konke kanye nayo ngesihle na? **33** Ngubani o za kumangalela abaketiweyo ba ka Nkulunkulu na? NguNkulunkulu obatetayo; **34** ngubani olahlayo na? NguKristu Jesu owafayo yebo ngakanye, owa vuswa kwabafileyo o nga kwesokunene si ka Nkulunkulu, ositayizelayo. **35** Ngubani o za kusahlukanisa notando lu ka Kristu? ukukatazeka, ukudadeka, ukuzingelwa, indhlala, ukuhambaze, ingozi, inkemba na? **36** Njengokulotshiweyo ukuti,

> Ngenxa yako si ya bulawa iminiyonke;
> Kwa tiwa si izimvu zokuhlatshwa.

37 Kantike kuko konke loku si ya nqoba nokunqoba ngowasitandayo. **38** Ngi ya kolwa ukuti na kufa, na kupila, na zingelosi, na mibuswana, nako oku kona, nako okuzayo, na zipatimandhla (zezulu), **39** na kupakama, na kujula, na nto imbe edaliweyo, a ku yi kuba namandhla okusahlukanisa notando lu ka Nkulunkulu olu ku Kristu Jesu iNkosi yetu.

9 Ngi kuluma iqiniso ngi ku Kristu, a ngi namanga, unembeza wami u fakazelana nami u ku Moya oNgcwele, **2** ngi ti ngi nokudabuka okukulu nosizi olungapeliyo enhliziyweni yami. **3** Ngoba be ngi nga ze ngi fise ukuba ngi be ngolokotelweyo ku Kristu mina uqobo ngenxa yabazalwane bami, aba ngabakiti ngokwenyama: **4** aba ngabaIsraeli; oku ngokwabo ukwenziwa amadodana, nobucwazicwazi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku qataniswa ukulunga oku ngomteto noku ngokukolwa.

nezivumelwano, nokubekwa kwomteto, nenkonzo, nezitembiso; **5** aba ngababo okoko, naba yibona a vela kubo uKristu ngokwenyama, o ngapezu kwako konke, uNkulunkulu obongekayo ku ze ku be nini, Amen.

6 Kepa a siko okokungati izwi li ka Nkulunkulu li putile. Ngokuba a ba sibo abaIsraeli bonke aba vela ku Israeli; **7** futi ngoba be inzalo ka Abraham, a ba sibo abantwana bonke ngako loko: kepa ku tiwa, Inzalo yako i ya kubizwa ngoIsaka. **8** Loku ku ukuti, a sibo abantwana benyama aba ngabantwana ba ka Nkulunkulu; kodwa abantwana besitembiso ba balwa ku tiwe ba yinzalo. **9** Ngoba li yizwi lesitembiso leli lokuti, Ngokwa le nkati ngi ya kuza, uSara u ya kuba nendodana. **10** A ku yiloko kupela; kepa noRebeka e se kuleliswe uye e munye, uIsaka ukoko wetu—**11** ngoba be nga ka zalwa, be nga k'enzi okuhle nokubi, ukuze icebo li ka Nkulunkulu ngokuketa li me, ku nga bi ngemisebenzi, ku be ngaye obizayo, **12** kwa tiwa kuye, Omkulu u ya kukonza omncane. **13** Njengokulotshiweyo ukuti, UJakobe nga m tanda, uEsau nga m zonda.

14 Po si za kutini? Ku kona yini ukungalungi ku Nkulunkulu na? Hayi. **15** Ngoba u ti ku Moses, Ngi ya kuba nesihau kwengi nesihau kuye, ngi be nobubele kwengi nobubele kuye. **16** Ngakoke a ku yi ngohlosileyo, a ku yi ngogijimayo, ku ya ngoNkulunkulu o nesihau. **17** Ngoba umbhalo u ti ku Faro, Ngi ku pakamisele kona loku, ukuze ngi bonakalise amandhla ami kuwe, nokuba igama lami li shunyayelwe ezweni lonke. **18** Ngakoke u nesihau ku lowo a tanda ukuba naso kuye, a ti a tanda ukumenza lukuni a m enze.

19 U zo kutike kimi, U sa solelani yena na? Ubani o melana nentando yake na? **20** Amanga, Muntundini, u ngubani wena o pendulana noNkulunkulu? Okubunjiweyo ku nga sho kowakubumbayo ukuti, U ng'enzeleni nga ba nje na? **21** Kumbe a ka namandhla yini umbumbi pezu kwebumba, ukuba ngesigaxa si sinye enze esinye isitsha si be igugu, nesinye si nga bi igugu na? **22** Ku nani uma uNkulunkulu, e hlosa ukubonakalisa ulaka lwake, nokwazisa amandhla ake, wa bekezela ngenyewe enkulu izitsha zolaka ezi lungele ukubujiswa: **23** nokuba azise ingcebo yobukosi bake ezitsheni zesihau, a be zi lungisele ubukosi pambili, **24** tina asibizayo, si pume ku nge siko ku baJuda bodwa, kepa na kwabezizwe na? **25** Njeng'akushoyo ngoHoseya ukuti,

> Ngi ya kubabiza aba be nge sibo abantu bami, ngokuti abantu bami;
> N'o be nga tandeki, ngi m bize ngokuti otandekayo.

26 Ku za kuti endaweni lapo kwa tiwa kubo, A ni sibo abantu bami,

> Konalapo ba ya kubizwa ku tiwe amadodana ka Nkulunkulu opilayo.

27 NoIsaya u memeza ngoIsraeli u ti, Noma umumo wabantwana ba ka Israeli u ngangesihlabati solwandhle, yinsali e ya kusindiswa: **28** ngokuba iNkosi i ya kufeza izwi layo emhlabeni, i li qede i li finyeze. **29** Njengokusho ku ka Isaya ngapambili ukuti,

> Uma iNkosi yamabandhla i bi ngasi shiyelanga nzalo,
> Nga sa ba njengeSodom, nga s'enziwa sa fana neGomora.

30 Po si za kutini? Si ti abezizwe aba nga jokanga ukulunga, ba ku ficile ukulunga, ukulunga oku ngokukolwa; **31** kepa uIsraeli e joka umteto wokulunga, a ka finyelelanga ku lo mteto. **32** Ngani na? Ngokuba be nga wu joki ngokukolwa, kodwa ku nga ti ngemisebenzi yomteto. Ba quzuka etsheni lokuquzula; **33** njengokulotshiweyo ukuti,

> Naku, ngi ya beka eZiyon itshe lokuquzula, idwala lokukubekisa:
> Lowo o kolwa kuye ka yi kujaba.

10 Bazalwane, ku ukwenama kwenhliziyo yami nokunxusa kwami

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukulahlwa kwaba Israeli ku icala labo. A ba lahlwa bonke.

ku Nkulunkulu ngabo, ukuba ba sindiswe. 2 Ngoba ngi ya ba fakazela ukuti ba shisekela uNkulunkulu, kepa ku nge siko ngokwazi. 3 Ngoba be ng'azi ukulunga oku ngoNkulunkulu, be funa ukumisa oku ngokwabo, a ba tobelanga ekulungeni oku ngoNkulunkulu. 4 Ngoba uKristu u yisigcino somteto ku be ukulunga kubo bonke abakolwayo. 5 Ngoba uMoses u ya loba ukuti umuntu o owenza ukulunga oku ngomteto u ya kupila ngako. 6 Kepa ukulunga oku ngokukolwa ku sho loku ukuti, U nga sho enhliziyweni yako ukuti, Ubani o za kwenyukela ezulwini na? (oku ukuti, ukwehlisa uKristu:) 7 nokuti, Ubani o za kwehlela kwa lasha na? (oku ukuti, ukukupula uKristu kwabafileyo.) 8 Kepa ku tini na? Izwi li seduze nawe, li semlonyeni wako, na senhliziyweni yako: oku ukuti, izwi lokukolwa esilishumayelayo: 9 ngokuba uma u vuma ngomlomo wako ukuti iNkosi nguJesu, u kolwe ngenhliziyo yako ukuti uNkulunkulu wa m vusa kwabafileyo, u ya kusindiswa: 10 ngokuba umuntu u ya kolwa ngenhliziyo ku be ukulunga; u ya vuma ngomlomo ku be ukusindiswa. 11 Ngoba umbhalo u ti, Lowo o kolwa kuye ka yi kujaba. 12 Ngoba a kuko mahluko ku mJuda nomGreki: ngokuba yona leyo i yiNkosi yabo bonke, i ngecebileyo kubo bonke abayitetayo: 13 ngoba, Wonke o teta igama leNkosi u ya kusindiswa. 14 Po ba ya kuyiteta kanjani yona aba nga kolwanga kuyo na? ba ya kukolwa kanjani kuyona aba ng'ezwanga ngayo na? ba ya kuzwa kanjani ku ngeko oshumayelayo na? 15 Ba ya kushumayela kanjani nxa be nga tunywa na? njengokulotshiweyo ukuti, Yeka zinhle izinyawo zalabo aba shumayela izindaba ezinhle za loko okuhle!

16 Kepa a ba zi lalelanga bonke izindaba ezinhle. Ngokuba uIsaya u ti, Nkosi, ubani o kolwe umbiko wetu na? 17 Ngakoke ukukolwa ku vela ngombiko, nombiko ngezwi li ka Kristu. 18 Kepa ngi ti, A b'ezwanga na? Yebo, bala,

Inhlokomo yabo ya pumela ezweni lonke,
Namazwi abo a ya na semikaulweni yomhlaba.

19 Kepa ngi ti, UIsraeli u be ng'azi na? Kuqala uMoses u ti,

Ngi ya kunikwelezisa ngaba nge siso isizwe,
Ngi ni tukutelise ngesizwe esi nge na mqondo.,

20 Kepa uIsaya u mi isibindi, u ti,

Nga funyanwa aba be nga ngi funi;
Nga bonakala kwaba be nga ngi buzi.

21 Kodwa u ti ngoIsraeli, Imini yonke ng'elulele izandhla zami ku bantu abangalaleliyo nabapikayo.

11 Ngakoke ngi ti, UNkulunkulu u ba ntshingile abantu bake yini na? Hayi. Ngoba nami ngi ngumIsraeli, wenzalo ka Abraham, wesizwe si ka Benjamin. 2 UNkulunkulu ka ba ntshinganga abantu bake ab'aziyo ngapambili. Kumbe a n'azi yini loko o ku shiwo umbhalo ngo-Elija? ukumangalela kwake uIsraeli ku Nkulunkulu e ti: 3 Nkosi, ba bulele abaprofeti bako, ba dilizile amalati ako; ngi sele ngedwa, se be funa ikanda lami. 4 Kepa impendulo ka Nkulunkulu i tini kuye? I ti, Ngi zishiyele amadoda a izinkulungwane ezi isikombisa, a nga guqanga ngamadolo ku Bale. 5 Ku njaloke na nga lesi sikati ku kona insali ngokokuketa kwomusa. 6 Kepa uma ku ya ngomusa, a ku sa yi ngemisebenzi: ku nga be umusa a u se musa. 7 Yini po? Loko uIsraeli akufunayo, a ka ku zuzanga; kepa abaketiweyo ba ku zuza, abanye ba tuntubezwa: 8 njengokulotshiweyo ukuti, UNkulunkulu u ba nike umoya wobundikindiki, amehlo okungaboni, nezindhlebe zokungezwa, ku ze ku be usuku lwa namhla. 9 NoDavida u ti,

Ma ku ti itafula labo li be ugibe, nesihibe,
Nesikubekiso, nempindiselo kubo:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukusindiswa kwabezizwe. AbaJuda bo buya ba sindiswe.

10 Ka fipale amehlo abo, ukuba ba
nga boni.
Umhlana wabo u wu gobe njalo.
11 Ngi ti ke, Ba kubeka ukuze ba
we na? Hayi: kepa ngesipambuko
sabo izizwe zi nokusindiswa ukuba-
kwelezisa. 12 Umake isipambuko
sabo si ingcebo yomhlaba, nokunci-
tshiswa kwabo ku ingcebo yabezizwe;
po kakulu kangakanani ukupelela
kwabo. 13 Ngi kuluma kinina eni
ngabezizwe belu. Loku pela ngi
ngumpostoli wabezizwe, ngi dumisa
ubukonzi bami; 14 ukuba mhlaumbe
ngi nga ze ngi kwelezise aba inyama
yami, ngi sindise abanye kubo. 15
Ngoba uma ukulahlwa kwabo ku uku-
buyisana nomhlaba, po ukwamkelwa
kwabo ku yini, uma ku nge siko uku-
pila oku vela kwabafileyo na? 16
Uma ulibo lu ngcwele, i njalo nenhla-
ma: uma impande i ngcwele, a njalo
namagatsha. 17 Kepa uma kwapu-
lwa amanye amagatsha, wena u ngu-
mnqumo wa sendhle, wa sikelwa wa
fakwa pakati kwawo, wa hlanganyela
nawo impande yokunota yomnqumo;
18 u nga gabisi pezu kwamagatsha:
kepa uma u gabisa, a si wena o twele
impande, kodwa impande e twele
wena. 19 U za kutike wena, Kwa-
pulwa amagatsha ukuze ngi sikelwe
ngi fakwe mina. 20 Ishike; apulwa
ngokungakolwa kwawo, u mi wena
ngokukolwa kwako. U nga kukuma-
li, y'esaba: 21 ngoba nxa uNkulu-
nkulu e nga yekanga amagatsha emve-
lo, a nge ze a ku yeka nawe. 22
Bhekake ubunene nobukali bu ka
Nkulunkulu: ubukali ku bona aba-
wayo; kepa ku wena ubunene bu ka
Nkulunkulu, nxa u hlala ebuneneni
bake: uma ku nge njalo u ya kunqu-
nywa nawe. 23 Nabo futi, uma be
nga hlali ekungakolweni kwabo, ba
ya kusikelwa ba fakwe: ngoba uNku-
lunkulu u namandhla okubuya a ba
sikele a ba fake. 24 Ngoba uma
wena wa nqunywa emnqumweni o
ngowa sendhle ngemvelo, wa sikelwa
wa fakwa ngoku pambene nemvelo
emnqumweni omuhle; kakulu kanga-
kanani labo, aba ngokwemvelo, ba
ya kusikelwa ba fakwe emnqumweni
wa kubo.
25 Ngoba a ngi tandi, bazalwane,
ukuba ni ng'azi le mfihlakalo, funa ni
be abahlakanipileyo ngokwenu uku-
bona, ukuti uIsraeli w'ehlelwe ubu-
tuntu inxenye yabo, ku ze ku ngene
abezizwe ngokupeleleyo; 26 ngoku-
njaloke ku ya kusindiswa uIsraeli
wonke: njengokulotshiweyo ukuti,
Ku za kuvela eZiyon uMhlangu-
lisi;
A kalime kwa Jakobe ukunga-
hlonipi uNkulunkulu:
27 Yilesi isivumelwano sami nabo,
Lapo ngi susa izono zabo.
28 Ngokwevangeli ba izita ngenxa
yenu: kepa ngokwokuketwa ba nga-
batandiweyo ngenxa ya okoko. 29
Ngokuŋa izipo nokubiza ku ka Nku-
lunkulu a ka guquki kuko. 30 Ngoba
njengaloku nina kade ni nga laleli
uNkulunkulu, kepa kaloku ni tole
ukuhaukelwa ngokungalaleli kwabo,
31 ngokunjalo na laba kaloku a ba
lalelanga, ukuze ku ti ngesihau es'e-
nzelwe nina ba tole ukuhaukelwa
nabo. 32 Ngoba uNkulunkulu u ba
valele kanyekanye bonke ekungala-
lelini, ukuba a ba haukele bonke.
33 Au, ukujula kwengcebo noku-
hlakanipa nokwazi ku ka Nkulunkulu!
yeka ukungapenyeki kwezahlulelo za-
ke, nokungatungateki kwemikondo
yake! 34 Ngoba ubani o wazile
umqondo weNkosi? ubani owa ba
umluleki wayo na? 35 ubani owa
qala wa yi pa, oku ya 'ube ku buyi-
selwe kuye na? 36 Ngoba konke ku
vela kuyo, ku ya ngayo, ku konela
yona. A ku be kuyo udumo ku ze
ku be nini. Amen.

12 Ngakoke ngi ya ni ncenga,
bazalwane, ngobubele bu ka
Nkulunkulu, ukuba ni nikele imizi-
mba yenu i be umhlatshelo opilileyo,
ongcwele, oyolileyo ku Nkulunkulu,
oku yinkonzo yenu yengqondo. 2
Ni nga lingisi leli zwe: a ni pendulwe
isimo ngokwenziwa i be ntsha inhli-
ziyo yenu, kona ni ya kuvivinya ni
bone oku intando ka Nkulunkulu
enhle eyolileyo epeleleyo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ma kwenziwe konke ngotando. Ma ku lalelwe amakosi.

3 Ngoba ngomusa enga piwa wona ngi ti kuye wonke o pakati kwenu, ukuba a nga cabangi a ti mkulu kunoku fanele ukuba a ku cabange; kepa a cabange ngokucabanga kwokuqonda, njengaloko uNkulunkulu abele ilowo isilinganiso sokukolwa. 4 Ngoba njengokuba si nezito eziningi 'mzimbeni munye, kepa izito zonke a zi na msebenzi munye: 5 ngokunjaloke tina, si baningi nje, si mzimba munye ku Kristu, si izito ngabanye omunye e ngesomunye. 6 Loku si nezipiwo ezahlukileyo ngokwomusa esiwupiweyo, noma si nesokuprofeta, a si profete ngesilinganiselo sokukolwa kwetu; 7 noma si nesokukonza, a si be nesineke enkonzweni yetu; nofundisayo ekufundiseni kwake; 8 noyalayo ekuyaleni kwake: opanayo enze ngesiqondo; obusayo enze ngokukutala; nohaukelayo a haukele ngokwesasa.

9 Utando ma lu nga bi na kuzenzisa. Ma n'enyanye okubi; ni namatele kokulungileyo. 10 Mayelana notando lobuzalwane a ni be nesisesane omunye komunye; mayelana nokutusana yandulelanani; 11 mayelana nokukutala ni ng'enqeni; ni vute emoyeni; ni konze iNkosi; 12 etembeni ni tokoze; ekukatazekeni ni kutazele; ekutandazeni ni hlale ngesineke; 13 izinswelo zabangewele ni zi hlanganyele; ukungenisa kahle izihambi ni ku joke. 14 Ba busiseni abanizingelayo; busisani, ni nga qalekisi. 15 Tokozani nabatokozayo; ni kale nabakalayo. 16 A ni be nokuqonda kunye omunye nomunye. Ni nga bek'umqondo kokupakemeyo, ma ni tateke okutobekileyo. Ni nga bi aba hlakanipile ngokwenu ukubona. 17 Ni nga vuzi muntu okubi ngokubi. Nakani okuhle emehlweni abantu bonke. 18 Uma ku ng'enzeka, ngokwenu nina, hlalisanani kahle nabantu bonke. 19 Ni nga zipindiseli, batandwa, dedelani ulaka lu ka Nkulunkulu: ngokuba ku lotshiwe ukuti, Okwami ukupindisela; ngi ya kuvuza mina, i sho iNkosi. 20 Kepa nxa isita sako si lambile, si pe ukudhla; nxa s'omile, u si puzise: ngokwenza loku u ya kufumbela amalahle avutayo ekanda laso. 21 U nga nqotshwa okubi, nqoba okubi ngokulungileyo.

13 A ku be ilowo a zitobe pansi kwezipatimandhla zobukosi: ngoba a kuko mandhla a nga veli ku Nkulunkulu; lawa a kona a miswe uNkulunkulu. 2 Ngakoke o tiyana namandhla, u melana noku miswe uNkulunkulu: aba melana nawo ba ya kuzizuzela ukwahlulelwa. 3 Ngoba ababusi a b'esabeki emsebenzini olungileyo, b'esabeka kwomubi. U ya tanda yini ukungesabi amandhla na? yenza okulungileyo, u ya kubatshazwake iwo: 4 ngokuba yena (o nawo) u isikonzi si ka Nkulunkulu kuwe ku be kuhle. Kepa uma w'enza okubi, yesaba; ngokuba a ka yi patelize inkemba: ngoba u isikonzi si ka Nkulunkulu, umpindiseli wokwehlisela ulaka k'o wenza okubi. 5 Ngaloko ku dingeka ukuba ni zitobe, ku nge ngenxa yolaka kupela, kepa na ngenxa ka nembeza. 6 Ngoba ku ngako loku ni kipa intela; ngokuba ba izikonzi zi ka Nkulunkulu, b'enza isineke kuko kona loko. 7 Nikani bonke okubafaneleyo: intela o fanele intela; inkokiso o fanele inkokiso; m hlonipeni o fanele ukuhlonitshwa; m tuseni o fanele ukutuswa.

8 Ni nga bi na cala la luto ku muntu, ku be elokutandana kupela: ngokuba o tanda omunye u se fezile umteto. 9 Ngokuba loku ukuti, U nga pingi, U nga bulali, U ng'ebi, U nga fisi, noma ku kona omunye umyalo konke ku qoqeka nga leli zwi lokuti, Wo tanda umakelwane wako njengokuzitanda kwako. 10 Utando a lwenzi okubi ku makelwane: ngakoke utando lu ukufezeka kwomteto.

11 Yenzani loku, n'azi inkati ukuti se ku isikati sokuba ni vuke ebutongweni: ngokuba kaloku usindiso lu seduze nati kuna ku leso sikati esa qala sa kolwa ngaso. 12 Ubusuku se bu katulekile, se ku za kusa: ngakoke a si lahle imisebenzi yobumnyama, si hlome izikali zokukanya. 13 Ma si hambe ngokufaneleyo njenga semini;

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

si nga hambi ngokuwekezela kwotshwala nokudakwa, si nga hambi ngokuhlobonga nokunqwenela, si nga hambi ngenkani nomona. 14 Kodwa yambatani iNkosi uJesu Kristu, ni nga yi funeli inyama ukuba ni feze izinkanuko zayo.

14 Kepa lowo o butakataka ekukolweni m amkeleni, ku nga bi ngokunquma ngokungabazekayo. 2 Omunye u nenkolo yokuba a nga ze a dhle izinto zonke: kepa o butakataka u dhla imifino. 3 Odhlayo a nga deleli ongadhliyo; nongadhliyo a ka nga m ahluleli odhlayo: ngoba uNkulunkulu u m amkele. 4 U ngubani wena o wahlulela isikonzi somunye umuntu na? ku senkosini yaso si y'ema nokuba si ya wa. Kepa si ya kumiswa si me; ngokuba iNkosi i namandhla okusimisa si me. 5 Omunye wazisa usuku olunye kunolunye: omunye wazisa izinsuku zonke. A ku be ilowo a qiniseke enhliziyweni yake. 6 O nakekela usuku, u lu nakekelela iNkosi; nodhlayo u dhlela iNkosi, ngokuba e bonga uNkulunkulu; nongadhliyo e nga dhli nje ku seNkosini, u ya bonga uNkulunkulu. 7 Ngokuba a kako noyedwa wa kitina ozipilelayo, a kako noyedwa ozifelayo. 8 Ngoba noma si pila, si pilela iNkosi; noma si fa, si fela iNkosi: ngakoke noma si pila, noma si fa, si ngabeNkosi. 9 Ngoba ngenxa ya loku uKristu wa fa wa buya wa pila, ukuze a be nobukosi pezu kwabafileyo nabapilayo. 10 Kepa wena, yini ukuba wahlulele umzalwane wako na? naweke futi, u delelelani umzalwane wako na? ngoba tina sonke si ya kuma pambi kwesihlalo sokwahlulela si ka Nkulunkulu. 11 Ngokuba ku lotshiwe ukuti,

> Ukupila kwami, i sho iNkosi, amadolo onke a ya kuguqa kimi,
> Nezilimi zonke zi ya kuvuma uNkulunkulu.

12 Ngakoke ko ba ilowo wetu a zilande ku Nkulunkulu.

13 Ngakoke a si nga be si s'ahlulelana: kepa ngakanye yahlulelani loku, kokuba ku nga biko muntu o bekela umzalwane wake into yokumquzula noma isikubekiso. 14 Ngi y'azi, ngi ya kolwa ngi seNkosini uJesu, ukuti a kuko luto olubi ngokwalo: kupela ku lowo oshoyo ukuti lubi ku yena lubi. 15 Ngoba uma umzalwane wako e dabukiswa ngokudhla, a u sa hambi ngotando. U nga bubisi ngokudhla kwako lowo amfelayo uKristu. 16 Ngakoke a ku nga kulunywa kabi ngokuhle kwenu: 17 ngoba umbuso ka Nkulunkulu a u siko ukudhla nokupuza, u ngukulunga nokutula nokutokoza ngoMoya oNgcwele. 18 Ngoba o konza uKristu ku loku u kolekile ku Nkulunkulu, u vunywa abantu. 19 Ngakoke a si joke okokutula, nokokwakana. 20 U nga citi umsebenzi ka Nkulunkulu ngenxa yokudhla. Konke ku hlambululekile pela; kepa kubi ku lo muntu odhlayo e quzula abanye. 21 Kuhle ukuba u nga dhli nyama, u nga puzi wayini, u ng'enzi luto umzalwane wako a quzuka ngalo. 22 Ukukolwa o nako, yiba nako ngokwako pambi ku ka Nkulunkulu. U busisiwe lowo o nga z'ahluleli nga loko akuvumayo. 23 Kepa ongabazayo uma e dhla u lahliwe, ngokuba e nga dhli ngokukolwa; konke oku nge ngokukolwa ku ngukwona.

15 Njaloke tina esi namandhla si fanele ukwetwala ubutakataka baba nge namandhla, si nga zitokozisi tina. 2 A ku be ilowo wetu a tokozise umakelwane wake ngaloko oku lungelene nokuba akeke. 3 Ngokuba uKristu naye a ka zitokozisanga yena, kepa njengokulotshiweyo ukuti, Isihlamba saba ku capa ngenhlamba si ng'ehlele. 4 Ngoba konke okwa lotshwa ngapambili kwa lotshelwa ukufundiswa kwetu, ukuze ku ti ngokukutazela na ngenduduzo e ngemibhalo si be netemba. 5 Wa nga uNkulunkulu wokukutazela nokududuza a nga ni pa ni be nokuqonda kunye omunye nomunye ngokuka Kristu Jesu: 6 ukuze ku ti nga nhliziyonye na ngomlomo munye ni dumise uNkulunkulu uYise weNkosi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

yetu UJesu Kristu. 7 Ngakoke ya-
mkelanani njengaloku uKristu wa
n'amkela, ku dunyiswe uNkulunkulu.
8 Ngoba ngi ti uKristu wa ba isi-
konzi sabasokayo ngenxa yeqiniso li
ka Nkulunkulu, ukuze a qinise izite-
mbiso aba tenjiswa ngazo okoko, 9
nokuba abezizwe ba dumise uNku-
lunkulu ngenxa yesihau sake; njengo-
kulotshiweyo ukuti,

Nga loku ngi ya kukubonga pa-
kati kwezizwe,
Ngi hube kulo igama lako.

10 u ti futi,

Jajani, nina bezizwe, kanye na-
bantu bake.

11 Nokuti,

Babazani iNkosi, nina nonke
bezizwe;
Ma ba yi babaze abantu bonke.

12 UIsaya futi u ti,

Ko ba kona impande ka Jese,
N'o za kuvela a buse abezizwe;
Abezizwe ba ya kwetembela kuye.

13 Wa nga uNkulunkulu wokwete-
mba a nga ni gcwalisa ngokutokoza
konke nokutula ekukolweni, ni ze ni
vame ukwetemba ngamandhla ka
Moya oNgcwele.

14 Nami ngokwami ngi kolwa
ngani, bazalwane bami, ukuti nina
ngokwenu ni gcwele ukuva, ni te
talala ukwazi konke, futi ni nama-
ndhla okululekana. 15 Kepa ngi ni
lobele ngesibindi kokunye, ngi ni
kumbuza nje futi ngenxa yomusa
enga wu piwa uNkulunkulu, 16 wo-
kuba ngi be isikonzi si ka Kristu Jesu
kwabezizwe, ngi sebenza okwobu-
pristi ngevangeli li ka Nkulunkulu,
ukuze ukunikelwa kwabezizwe kwa-
mkeleke, ku ngcwelisiwe ngoMoya
oNgcwele. 17 Njaloke ngi nokuzi-
gabisa kwami ku Kristu Jesu nga
loko oku ngoku ka Nkulunkulu. 18
Ngokuba a ngi yi kuba na sibindi
sokukuluma uto kupela nga lezi zinto
uKristu a z'enza ngami, ku be ukula-
lela kwabezizwe, ngezwi na ngomse-
benzi, 19 ngamandhla ezibonakaliso,
nemimangaliso, ngamandhla ka Moya
oNgcwele; ngangoba nga ti ngi suka
eJerusalem nga zungeza nga ze nga
fika eIlirikum, ngi shumayela iva-
ngeli li ka Kristu ngokupeleleyo; 20
yebo ngi copelele ukushumayela iva-
ngeli, ku nga bi lapo se li patwa
kona igama li ka Kristu, ukuze ngi
ng'aki pezu kwesisekelo somunye;
21 kepa njengokulotshiweyo ukuti,

Aba nga bikelwanga ngaye, ba
ya kubona,
Naba ng'ezwanga ba ya kuqonda.

22 Ku ngaloku nga tiyeka se ku
kaningi ukuza kini: 23 kepa manje,
loku ngi nga se na ndawo ku la mazwe,
na loku se ku iminyaka eminingi ngi
langazelela ukuza kini, 24 nxa ngi
ya eSpain (ngoba ngi y'etemba uku-
nibona ekudhluleni kwami, ngi pele-
kezelwe yinina ukuya nga kona, uma
se ngi ke ng'aneliswa kancane yinina)
—25 kepa manje, ngi sa ya eJeru-
salem, ngi konza abangcwele. 26
Ngokuba kwa ba kuhle kwaba se-
Makedoniya naba seAkaya ukwenzela
abampofu kwaba ngcwele aba seJe-
rusalem umnikelo otile. 27 Yebo,
kwa ba kuhle nje kubo; ba necala
kubo. Ngokuba uma abezizwe b'e-
nziwe abahlanganyeli nabo kokomo-
ya kwabo, ba necala lokubakonza
bona kokwenyama. 28 Ngakoke
nxa se ngi fezile loku, se ngi ba nike
esandhleni lesi sitelo, ngi ya kuha-
mba ng'eyakini ukuya eSpain 29
Ngi y'azi ukuti, ukufika kwami kini
ngi ya kufika ngi gcwele isibusiso si
ka Kristu.

30 Ngi ya ni ncengake, bazalwane,
ngayo iNkosi yetu uJesu Kristu, na
ngotando lu ka Moya, ukuba ni gwa-
nqe kanye nami ngokungitandazela
kwenu ku Nkulunkulu; 31 ukuze
ngi hlanguliswe kwabangalaleliyo eJu-
diya, nokuba kwamkeleke kwaba-
ngcwele inkonzo engi ya ngayo
eJerusalem; 32 ukuze ngi ze kinina
ngi nokutokoza ngentando ka Nku-
lunkulu, ngi punyuzwe kanye nani.
33 UNkulunkulu wokutula a ka be
nani nonke. Amen.

16 Ngi ya m ncoma kini nango
uFibe udade wetu, o isikonzi
sebandhla eli seKenkreya: 2 ukuze

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ni m amkele eNkosini ngoku fanele abangcwele, ni m size noma yinga'-ntoni a nga ni dinga ngayo: ngokuba naye u be umpeleki wabaningi, nowami mina uqobo.

3 Konzani ku Priska noAkwila izisebenzi kanye nami ku Kristu Jesu, 4 aba beka izintamo zabo pansi ngenxa yokupila kwami; engi nga ba bongi mina ngedwa, ba bongwa na amabandhla onke abezizwe: 5 konzani na sebandhleni eli sendhlini yabo. Konzani ku Epanetus isitandwa sami, o ngulibo lwa seAsiya ku Kristu. 6 Konzani ku Mariya, owa kandhleka kakulu ngenxa yenu. 7 Konzani koAndroniko no Juniya, aba ngabakiti, abatunjwa kanye nami, aba negama pakati kwabapostoli, aba be ku Kristu ngapambili kwami. 8 Konzani ku Ampliyato isitandwa sami eNkosini. 9 Konzani ku Urbano isisebenzi kanye nati ku Kristu, na ku Staku isitandwa sami. 10 Konzani ku Apele ovivinyiweyo ku Kristu. Konzani kwaba ka Aristobulo. 11 Konzani ku Herodiyo owa kiti. Konzani kwaba ka Narkiso, aba seNkosini. 12 Konzani koTrifina noTrifosa, aba kandhleka eNkosini. Konzani ku Persi isitandwa, owa kandhleka kakulu eNkosini. 13 Konzani ku Rufo oketiweyo eNkosini, na kunina o ngumame. 14 Konzani koAsinkrito, noFilego, noHerme, noPatroba, noHerma, nabazalwane aba nabo. 15 Konzani koFilologo noJuliya, uNere nodade wabo, noOlympa, nabo bonke abangcwele aba nabo. 16 Bingelelanani ngokwangana okungcwele. Onke amabandhla ka Kristu a ya konza kinina.

17 Ngi ya ni ncengake, bazalwane, ukuba ni hlakanipele aba banga ukwahlukana nabakubekisayo, be pambene nokufundiswa ena fundiswa ngako; ni ba gweme. 18 Ngokuba abanje a ba yi konzi iNkosi yetu uKristu, ba konza isisu sabo; ku ti ke ngamazwi atobozayo namahle ba kohlise izinhliziyo zaba nge nacala. 19 Ngoba ukulalela kwenu ku zwakele ku bantu bonke. Ngakoke ngi ya tokoza ngani: kepa ngi ya tanda ukuba ni hlakanipe kokuhle, ni be imipupe kokubi. 20 UNkulunkulu wokutula u za kumcoboza uSatane pansi kwezinyawo zenu masinyane.

Umusa weNkosi yetú uJesu Kristu a u be nani.

21 U ya konza kinina uTimote isisebenzi kanye nami; noLukiyo noJason noSosipatro, abakiti. 22 Mina Tertiyo, o lobe le ncwadi, ngi ya konza kini eNkosini. 23 U ya konza kini uGayo engi ngenise kwake mina, no ngenisa ibandhla lonke. U ya konza kini uErasto umpat'isikwama womuzi, no Kwarto umzalwane.*

25 Ku yena o namandhla okunisimamisa ngokwevangeli lami nokushumayela ku ka Jesu Kristu, ngokokwambulwa kwemfihlakalo e kade i te swayi ngezikati za pakade, 26 kepa manje i si bonakalisiwe, ku te ngemibhalo yabaprofeti ngokwomyalo ka Nkulunkulu omiyo njalo, yazisiwe ezizweni zonke, ku be ukulalela kokukolwa. 27 Ku Nkulunkulu ohlakanipileyo yedwa, a ku be udumo ngoJesu Kristu ku ze ku be nini. Amen.

*Kwezinye izincwadi ezindala ku kona v. 24: Umusa weNkosi yetu uJesu Kristu a u be nani. Kwezinjalo lawa mazwi a wako ku v. 20.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI YOKUQALA KA PAULE KWABA

SEKORINTE

Ubunye. UKristu o ngamandhla nokuhlakanipa ku ka Nkulunkulu.

1 UPaule, o bizwe ukuba a be umpostoli ka Jesu Kristu ngentando ka Nkulunkulu, noSostene umzalwane, **2** kulo ibandhla li ka Nkulunkulu eli seKorinte, aba ngcwelisiwe ku Kristu Jesu, ababiziweyo, ukuba ba be abangcwele, kanye nabo bonke aba teta igama leNkosi yetu uJesu Kristu, eyabo neyetu, ezindaweni zonke: **3** A ku be kinina umusa nokutula oku vela ku Nkulunkulu uBaba wetu na seNkosini uJesu Kristu.

4 Ngi bonga uNkulunkulu wami njalo ngani, ngomusa ka Nkulunkulu ena wu piwa ku Kristu Jesu; **5** ukuba ezintweni zonke na cebiswa kuye, emazwini onke na sekwazini konke; **6** njengoba ubufakazi ngo Kristu ba qiniswa kinina: **7** ngangoba a ni silalelwa sipiwo na sinye; ni lindele ukuhlalukiswa kweNkosi yetu uJesu Kristu; **8** o nguye futi o za kuniqinisa ku ze ku be sekupeleni, ni nga bi na kumangaleleka ngosuku lweNkosi yetu uJesu Kristu. **9** UNkulunkulu u tembekile, oku ngaye ukubizelwa kwenu ebudhlelwaneni beNdodana yake uJesu Kristu iNkosi yetu.

10 Ngi ya ni ncengake, bazalwane, ngegama leNkosi yetu uJesu Kristu, ukuba ni kulume into'nye nonke, ku nga biko ukwahlukana pakati kwenu; ni peleliswe emqondweni munye na sekuboneni kunye. **11** Ngokuba ngi tsheliwe ngani, bazalwane bami, ngaba kwa Klowe, ukuti ku kona izinkani pakati kwenu. **12** Ngi sho loku, kokuti omunye wa kini u ti, Mina ngi ngoka Paule; a ti omunye, Mina ngi ngoka Apolo; a ti omunye, Mina ngi ngoka Kefasi; a ti omunye, Mina ngi ngoka Kristu. **13** UKristu wahlukanisiwe yini? uPaule wa betelelwa nina na? na bapatizelwa egameni li ka Paule na? **14** Ngi bonga uNkulunkulu ngokuba a ngi bapatizanga muntu wa kini, kupela uKrispo noGayo; **15** funa ku be kona o ti na bapatizelwa egameni lami. **16** Nga bapatiza nabendhlu ka Stefana: ngapandhle kwabo, a ng'azi ukuba nga bapatiza omunye. **17** Ngokuba uKristu ka ngi tumanga ukuba ngi bapatize, kepa ukuba ngi shumayele ivangeli: ku nga bi ngokuhlakanipa kwamazwi, funa isipambano si ka Kristu s'enziwe ize.

18 Ngokuba indaba yesipambano i ubuwula kwababubayo; kepa kitina 'basindiswayo i ngamandhla ka Nkulunkulu. **19** Ngoba ku lotshiwe ukuti,

> Ngi ya kububisa ukuhlakanipa kwabahlakanipileyo,
> Nokuqonda kwabaqondileyo ngi ku shafise.

20 Upi ohlakanipileyo? upi umbhali? upi umpikisi wa leli zwe? uNkulunkulu ka kwenzanga kwa ba ubuwula ukuhlakanipa kwomhlaba na? **21** Loku ku te ekuhlakanipeni ku ka Nkulunkulu umhlaba a u m azanga uNkulunkulu ngokuhlakanipa kwawo, kwa ba kuhle ku Nkulunkulu ukuba a ti ngobuwula bokushumayela a sindise labo abakolwayo. **22** Loku abaJuda ba cela izibonakaliso, amaGreki a funa ukuhlakanipa: **23** kepa tina si shumayela uKristu obetelweyo, isikubekiso ku baJuda, ubuwula kwabezizwe; **24** kepa kwababiziweyo, abaJuda namaGreki, uKristu o ngamandhla ka Nkulunkulu, nokuhlakanipa ku ka Nkulunkulu. **25** Ngokuba oku ubuwula ku ka Nkulunkulu ku hlakanipile kunabantu; noku butakataka ku ka Nkulunkulu ku namandhla kunabantu.

26 Ngoba bhekani ukubizwa kwenu, bazalwane, ukuti a ku sibo abaningi abahlakanipileyo ngokwenyama, a ku sibo abaningi aba nesitunzi, a ku sibo abaningi aba izikulu, aba-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

biziweyo: 27 kodwa uNkulunkulu wa
keta oku ubuwula kwomhlaba, ukuze
a jabise abahlakanipileyo; uNkulu-
nkulu wa keta oku butakataka kwo-
mhlaba, ukuze a jabise oku nama-
ndhla; 28 noku izitununu zomhlaba,
nokudelelwayo, uNkulunkulu wa ku
keta, yebo noku ngeko, ukuze a shafise
oku kona: 29 ku ze ku nga biko nya-
ma ezigabisayo pambi ku ka Nku-
lunkulu. 30 Kepa nina ni ngaye, ni
ku Kristu Jesu, owenziwe kitina ukuhlakanipa oku vela ku Nkulunkulu, oku ukulunga nobungcwele, nokuhlengwa: 31 ukuze ku ti, njengokulotshiweyo, Ozigabisayo, ma ka zigabise eNkosini.

2 Namike, bazalwane, ekufikeni kwami kini, a ngi fikanga ngobungcwedi bokukuluma nobokuhlakanipa, ngi memezela kini ubufakazi ngoNkulunkulu. 2 Ngoba nga nquma ukuti a ngi yi kwazi luto lumbe pakati kwenu, kupela uJesu Kristu, naye e betelwe. 3 Nga ngi nani ngi nobutakataka, nokwesaba, nokututumela okukulu. 4 Kwa ti ukukuluma kwami nokushumayela kwami a ku banga ngamazwi awotayo okuhlakanipa, kwa ba ngokubonakalisa ku ka Moya nokwamandhla; 5 ukuze ukukolwa kwenu ku ng'emi ngokuhlakanipa kwabantu, ku me ngamandhla ka Nkulunkulu.

6 Kanti ke si kuluma ukuhlakanipa pakati kwabakulileyo: kepa ukuhlakanipa oku nge siko okwa leli zwe, nokwababusi ba leli zwe, ababelayo: 7 kodwa si kuluma ukuhlakanipa ku ka Nkulunkulu oku semfihlakalweni, okwa ku fihliwe, uNkulunkulu a ku misela pambili ubukosi betu, izwe li nga ka biko: 8 oku ng'aziwanga na munye wababusi ba leli zwe: ngokuba uma be be kwazi, ba be nga yi kuyibetela iNkosi yobukosi: 9 kepa njengokulotshiweyo ukuti,

Loko iso eli nga ku bonanga, nendhlebe e nga ku zwanga,
Oku nga ngenanga enhliziyweni ya muntu,
Loko uNkulunkulu a ku lungisela labo abamtandayo.

10 Kepa uNkulunkulu u kwambulile kitina ngoMoya: ngokuba uMoya e pendhla konke, yebo, nokujulileyo ku ka Nkulunkulu. 11 Ngoba ngumupi ku bantu o wazi okwomuntu, uma ku nge siye umoya womuntu o kuye na? ngokunjaloke noku ka Nkulunkulu a kwaziwa muntu, kupela uMoya ka Nkulunkulu. 12 Kepa tina a s'amkeliswanga umoya womhlaba, s'amkeliswa umoya o vela ku Nkulunkulu: ukuze si kwazi esi ku piwe uNkulunkulu ngesihle. 13 Esikukulumayo, ku nge ngamazwi esi wa fundiswa ukuhlakanipa kwabantu, ku ngawo esi wa fundiswa nguMoya: si bangqanisa okomoya namazwi a ka moya. 14 Kepake umuntu wemvelo ka kwamkeli oku ka Moya ka Nkulunkulu: ngoba ku ubuwula kuye; a nge kwazi, ngokuba ku vivinywa ngokomoya. 15 Kepa o ngowomoya u vivinya konke, kepa yena ka vivinywa muntu. 16 Ngokuba ubani ow'azi umqondo weNkosi, ukuba a nga ze a yi fundise na? Kepa tina si nomqondo ka Kristu.

3 Namike, bazalwane, be ngi nge na kukuluma kini njenga kwabomoya, nga kuluma njenga kwabenyama, njenga kwaba izingane ku Kristu. 2 Nga ni puzisa ubisi, a nga ni pa ukudhla okuqinileyo; ngokuba na ni nga ka bi namandhla: qa, na manje a ni ka bi namandhla; 3 ngokuba ni se ngabenyama: ngokuba loku pela ku kona kinina umona nenkani, a ni sibo abenyama, a ni hambi ngokwabantu na? 4 Ngoba nxa omunye e ti, Mina ngi ngoka Paule; a ti omunye, Mina ngi ngoka Apolo; a ni sibo abantu na? 5 U yini po uApolo? u yini uPaule? Ba izikonzi ena kolwa ngazo; kwa ba ilowo njengaloku iNkosi i m nikile. 6 Mina nga tshala, uApolo wa netisa; kepa uNkulunkulu u hlumisile. 7 Njaloke otshalayo ka luto, nonetisayo ka luto; kodwa uNkulunkulu ohlumisayo. 8 Otshalayoke nonetisayo ba ntonye kepa ilowo u ya kwamkeliswa owake umvuzo ngokwesitukutuku sake. 9 Ngokuba tina si izisebenzi kanye zi ka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Nkulunkulu: nina ni insimu ka Nkulunkulu, ni isakiwo si ka Nkulunkulu.

10 Ngokomusa ka Nkulunkulu engawupiwayo, njengenyanga yokwaka ehlakanipileyo nga beka isisekelo; omunye waka pezu kwaso. Kepa a ku be ilowo a qapele ukuba waka kanjani pezu kwaso. 11 Ngokuba esinye isisekelo si nge bekwe muntu kupela leso esibekiweyo, esi nguJesu Kristu. 12 Kepa uma umuntu aka pezu kwa lesi sisekelo igolide, isiliva, amatshe a nenani, imiti, utshani, izinhlanga; 13 umsebenzi wa lowo na lowo u ya kudalulwa: ngoba usuku lu za kuwuqamisa, loku u hlalukiswa ngomlilo; umlilo uqobo u za kuvivinya umsebenzi wa lowo na lowo ukuba u njani. 14 Uma umsebenzi womuntu awakileyo kuso u ma, u ya kwamkeliswa umvuzo. 15 Uma umsebenzi womuntu u sha, u ya kulahlekelwa: kodwa yena uqobo u ya kusindiswa; kepa ku be ngokungati u puma emlilweni.

16 A n'azi yini ukuti ni itempeli li ka Nkulunkulu, nokuti uMoya ka Nkulunkulu u hlala kinina? 17 Uma umuntu e l'onakalisa itempeli li ka Nkulunkulu, uNkulunkulu u ya kumonakalisa yena; ngokuba itempeli li ka Nkulunkulu li ngcwele, ni njaloke nina.

18 Ma ku nga biko ozikohlisayo. Uma umuntu e ti u hlakanipile pakati kwenu ku leli zwe, a ka be isiwula, ukuze a hlakanipe. 19 Ngoba ukuhlakanipa kwa lo mhlaba ku ubuwula ku Nkulunkulu. Ngoba ku lotshiwe ukuti, O bamba abahlakanipileyo ebukelengwini babo: 20 nokuti, INkosi i ya z'azi izizindhlo zabahlakanipileyo, ukuti zi yize. 21 Ngakoke a ku nga biko o zigabisa ngabantu. Ngokuba konke ku ngokwenu; 22 noma uPaule, noma uApolo, noma uKefasi, noma umhlaba, noma ukupila, noma ukufa, noma oku kona, noma okuzayo; konke ku ngokwenu; 23 nina ni ngaba ka Kristu; uKristu u ngoka Nkulunkulu.

4 Umuntu ma ka s'azi tina ngokuti si izikonzi zi ka Kristu, nabapati bezimfihlakalo zi ka Nkulunkulu. 2 Kepake ku njalonjalo ku funeka ku bapati ukuba umuntu a funyanwe e tembekile. 3 Kepa kimina ku yinto encinyanyana ukuba ng'ahlulelwe inina, noma ng'ahlulelwe ngokwabantu: yebo, a ngi z'ahluleli mina. 4 Ngokuba a ngi zinyezi nga luto; noko a ngi tetwa yiloku: kepa ongahlulelayo yiNkosi. 5 Ngakoke ni ng'ahluleli luto ku nga ka bi isikati, ku ze ku fike iNkosi, e ya kuveza ekukanyeni okufihlakeleyo kwobumnyama, i bonakalise ukuhxama kwezinhliziyo; konake ilowo u ya kubatshazwa uNkulunkulu.

6 Lokuke, bazalwane, ngokulinganisa ngi ku guqulele kimina na ku Apolo ngenxa yenu; ukuze ni funde ngati ukuba ni nga dhlulisi kokulotshiweyo; ukuze ku nga biko o kukunyezwa nga komunye ngenxa yomunye. 7 Ngokuba ngubani o kwenza wahluke na? u na ntoni o nga y'amkeliswanga na? kepa uma u y'amkelisiwe, u zigabiselani ngokungati a u y'amkeliswanga? 8 Se ni zitikile, se ni cebile, se ni busa ngapandhle kwetu: yeboke, sengati ni nga busa, ukuze nati si buse kanye nani. 9 Ngokuba ngi ti uNkulunkulu u si vezile tina bapostoli si ngabokupakula, kungati si miselwe ukufa: ngokuba s'enziwe umbukwane womhlaba, nowezingelosi nowabantu. 10 Tina si iziwula ngenxa ka Kristu, kepa nina ni hlakanipile ku Kristu; tina si butakataka, kepa nina ni namandhla; nina ni nodumo, kepa tina si tunisekile. 11 Ku ze ku be isona lesi sikati si lambile, s'omile, si hambaze, si muhluzwa, si imishangeshu; 12 si ya kandhleka, si sebenza ngezetu izandhla: si ti si tukwa, si be si busisa; si ti si zingelwa, si be si bekezela; 13 si ti si sombozwa, si be si ncenga; s'enziwe kungati si inkucunkucu yomhlaba, umpucuzo wezinto zonke ku ze ku be manje.

14 A ngi lobi loku ukuba ngi ni tele amahloni, kepa ngi ya ni luleka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

njengabantwana bami abatandekayo. **15** Ngokuba noma ni nabapelekezeli aba izinkulungwane ezi ishumi ku Kristu, oyihlo ka ba baningi; ngokuba ku Kristu Jesu nga ni zala ngevangeli. **16** Ngakoke ngi ya ni ncenga, ngi lingiseni. **17** Nga loku ngi tumele kini uTimote, o ngumtanami otandekayo notembekayo eNkosini, o ya kunikumbuza ngenkambo yami e ku Kristu, njeng'engi fundisa ngako ezindaweni zonke emabandhleni onke. **18** Kepa abanye ba kukumele, ngokungati a ngi yi kuza kini. **19** Kodwa ngi za kuza kini masinyane, uma ku vuma iNkosi, a ngi yi kulazike izwi labakukumeleyo, ngi ya kuwazi amandhla abo. **20** Ngokuba umbuso ka Nkulunkulu a u yi ngezwi, u ya ngamandhla. **21** Ni tanda kupi na? ngi ze kini ngi pete induku, noma ngi ze ngi notando nomoya omnene na?

5 Ku y'ezwakala ngempela ukuti ku kona pakati kwenu ubufebe, ubufebe obu ngangokuba a buko obu njalo na pakati kwabezizwe, oku ukuti omunye wa kini u tabate umka yise. **2** Kepa ni kukumele, inganti nga ku be ni ya lila, ukuze a kishwe pakati kwenu o wenze lesi senzo. **3** Kantike, mina nokuba ngi ngeko nje ngomzimba kepa ngi kona ngomoya, se ngi nqumile icala la lowo o wenze loko kanjalo, ngokungati ngi kona, **4** ngegama leNkosi yetu uJesu, ni butene nomoya wami, kanye namandhla eNkosi yetu uJesu, **5** ukuba a yiswe onjalo ku Satane ku bube okwenyama, ukuze umoya u sindiswe ngosuku lweNkosi uJesu. **6** A ku kuhle ukuzigabisa kwenu. A n'azi yini ukuti imvubelo e ingcozana i bilisa inhlama yonke? **7** Kucuzani imvubelo endala, ukuze ni be inhlama entsha, njenga loku ni ng'aba nge na mvubelo. Ngokuba neletu ipasika li hlatshiwe, eli nguKristu: **8** njaloke ma s'enze umkosi, si nga bi na mvubelo endala, na mvubelo yefundululu neyobubi, si be nesinkwa esi nge na mvubelo sesiqondo neqiniso.

9 Nga ni lobela encwadini yami ukuba ni nga bi umdibi kanye naba izifebe; **10** ku nge siko ukuti ngi sho izifebe za lo mhlaba, noma abafisayo nabapangayo, noma aba konza izitombe; ngokuba pela be ni ya kudinga ukupuma emhlabeni: **11** kepa ku njalonjalo nje ngi ni lobele ukuba ni nga bi umdibi kanye, uma umuntu o bizwa ngokuti umzalwane e isifebe, noma e ngofisayo, noma e ngokonza izitombe, noma e ngotukayo, noma e isidakwa, noma e ngopangayo: ni nga ze na dhla nokudhla nonjalo. **12** Ngokuba ngi namsebenzi muni ukwahlulela aba ngapandhle? Nina a ni b'ahluleli aba ngapakati na? **13** Kepa aba ngapandhle uNkulunkulu u ya b'ahlulela. Kipani kini lo muntu omubi.

6 U kona yini umunti kini, e nendaba ngomunye, o nesibindi sokumangala kwaba nga lungile, ku nga bi kwabangcwele na? **2** Kumbe a n'azi yini ukuti abangcwele ba ya kwahlulela umhlaba? kepa uma umhlaba w'ahlulelwa yinina, a ni lingenwe yini ukuba ni nqume amacala amancinyane na? **3** A n'azi yini ukuti si ya kwahlulela izingelosi? Poke okwa loku kupila na? **4** Ngakoke uma ni nako okwa loku kupila, oku dinga ukunqunywa ni ya misa abadelelwayo bebandhla ba be abahluli na? **5** Ngi sho loku ukuba ni be namahloni. Ku njalo bala, a kuko na munye pakati kwenu ohlakanipileyo o nga nquma pakati kwabazalwane bake na? **6** kepa umzawane u mangalela umzalwane, enze loku na pambi kwabangakolwayo na? **7** Nempela, kanti na kaloku ku kona isiyinga kini, ngokuba ni ya mangalelana. Yini ukuba ni nga keti ngakanye ukwoniwa? yini ukuba ni nga keti ngakanye ukuqilizelwa na? **8** Kanti yinina en'ona abanye, ni qiliza, n'enza loko na ku bazalwane. **9** Kumbe a n'azi yini ukuti aba nga lungile a ba yi kudhl'ubufa umbuso ka Nkulunkulu? Ni ng'eduswa: izifebe, naba konza izitombe, nezipingi, nabesilisa abalalanayo, nab'enza ubunkotshane, **10** namasela, nabafisayo, nezida-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kwa, nabatukayo, nabapangayo, a ba yi kudhl'ubufa umbuso ka Nkulunkulu. 11 Ba be njalo abanye kini: kanti se na hlanzwa, kanti se na ngcweliswa, kanti se na tetwa ngegama leNkosi uJesu Kristu na ngoMoya ka Nkulunkulu wetu.

12 Konke ku vumekile kimina; kepa a ku sizi konke. Konke ku vumekile kimina; kepa a ngi yi kuba pansi kwamandhla a luto. 13 Ukudhla ku ngokwesisu, nesisu si ngesokudhla: kepa uNkulunkulu u ya kuqeda sona nako. Kepa umzimba a si ngowobufebe, u ngoweNkosi; neNkosi i ngeyomzimba: 14 kepa uNkulunkulu wa yi vusa iNkosi, u ya kusivusa nati ngamandhla ake. 15 A n'azi yini ukuti imizimba yenu i izito zi ka Kristu na? po ngi tabate izito zi ka Kristu, ngi z'enze izito zesifebe na? Hayi. 16 Kumbe a n'azi yini ukuti o namatele esifebeni u ngumzimba munye? ngokuba u ti yena, Labo babili ba ya kuba nyamanye. 17 Kepa o namatele eNkosini u moya munye. 18 Balekelani ubufebe. Zonke izono azenzayo umuntu zi ngapandhle kwomzimba; kepa o wenza ubufebe w'ona owake umzimba. 19 Kumbe a n'azi yini ukuti umzimba wenu u itempeli li ka Moya oNgcwele o kinina, eni naye e vela ku Nkulunkulu? a ni sibo abenu; 20 ngokuba na tengwa ngenani: dumisanike pela uNkulunkulu ngomzimba wenu.

7 Nga lezo zintoke ena loba ngazo: Kuhle ku muntu ukuba a nga tinti owesifazana. 2 Kepa ngenxa yobufebe, a ku be ilowo a be nowake umfazi, na lowo owesifazana a be neyake indoda. 3 Indoda a i nike umfazi okumfaneleyo: enze njalo nomfazi endodeni. 4 Umfazi ka namandhla pezu kwomzimba wake, yindoda e nawo: ngokunjalo nendoda a i namandhla pezu kwomzimba wayo, ngumfazi o nawo. 5 Ni nga ncishani omunye nomunye, kupela nxa ku be okwesikati ngokuvumelana, ukuba ni tole isikala sokutandaza, ni buye ni be ndawonye, ukuze uSatane a nga ni yengi ngokungazibambi kwenu. 6 Loku ke ngi ku sho ngokuvumela, a ngi ku sho ngokuyala. 7 Noko kimina ku nga abantu bonke ba nga ba njengami nje. Kantike ilowo u nesake isipiwo esi vela ku Nkulunkulu, omunye kanje, omunye kanje.

8 Kepa ngi ti kwaba nga ka ganwa na ku bafelokazi, Kuhle ku bona uma be hlala be njengami nje. 9 Kepa uma be nge na kuzibamba, ma ba ganwe b'ende: ngokuba kuhle ukuganwa kunokusha. 10 Kepa abaganileyo ngi ya ba yala, ku nge mina, kepa yiNkosi ngokuti, Umfazi ka nga muki endodeni 11 (kepa uma e te wa muka, ka hlale a nga gani, kumbe a buyisane nendoda yake); nendoda i nga m shiyi umkayo. 12 Kepa kwabanye ku sho mina, ku nge siyo iNkosi: ngi ti, Uma umzalwane e nomfazi ongakolwayo, yena e vuma kahle ukuhlala naye, a ka nga m shiyi. 13 Nowesifazana o nendoda engakolwayo, uma i vuma kahle ukuhlala naye, a ka nga yi shiyi indoda yake. 14 Ngokuba indoda engakolwayo i ngcwelisiwe umfazi, nomfazi ongakolwayo u ngcwelisiwe o ngumzalwane: uma ku nge njalo abantwana benu nga be ba ngcolile; kepa kaloku ba ngcwele. 15 Kepa uma ongakolwayo e muka, a k'emuke: umzalwane nokuba umzalwanekazi ka boshiwe kokunjalo: kepa uNkulunkulu u si bizile si be nokutula. 16 Ngokuba w'azi ngani, wena mfazi, ukuti u ya kusindisa indoda yako na? w'azi ngani nawe, ndoda, ukuti u ya kusindisa umkako na? 17 A ku ti nje ku be ilowo njengokuba iNkosi i m abele, nalowo njengokuba uNkulunkulu e m bizile, a hambe ngako. Ngi misa ngokunjalo emabandhleni onke. 18 U kona owa bizwa e sokile na? ma ka ng'enzi ukuba a be o nga sokile. U kona o bizwe e nga sokile na? ka nga soki. 19 Ukusoka a ku luto, nokungasoki a ku luto; oku uto ku ukugcina imiyalo ka Nkulunkulu. 20 A ku be ilowo a hlale ku loko kubizwa a bizwe e kuko. 21 Wa bizwa u isigqili na? u nga katali nga loko: kodwa uma ku ng'e-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nzeka ukuba u kululwe, keta loko. 22 Ngokuba owa bizelwa eNkosini e isigqili, u ngokululekileyo weNkosi: ngokunjalo nowa bizwa e kululekile, u isigqili si ka Kristu. 23 Na tengwa ngenani; ni nga bi izigqili zabantu. 24 Bazalwane, a ku be ilowo, ku loko a bizwa e kuko, a hlale kuko e no-Nkulunkulu.

25 Kepa ngezintombi a ngi na myalo weNkosi: ngi ni nika ukubona kwami nje, njeng'o haukelwe iNkosi ukuba ngi tembeke. 26 Ngakoke ngi ti kuhle loku ngenxa yengxakeko e si kona, oku ukuti, kuhle ukuba umuntu a be njengaloku e njalo. 27 U boshelwe ku mfazi na? u nga funi ukukululeka. U kululekile ku mfazi na? u nga funi umfazi. 28 Kepa uma u ganwa, a wonile; noma intombi i gana, ka y'onile. Kodwa abanjalo ba ya kukatazeka enyameni: ng'enziwa ukunihaukela kwami. 29 Kepa ngi sho loku, bazalwane, ngi ti isikati se si fingqiwe, ukuze ku sale se ku ti naba nabafazi ba be njengokuba be nge nabo; 30 nabakalayo, ba be njengokuba be nga kali; nabatokozayo, ba be njengokuba be nga tokozi; nabatengayo, ba be njengokuba be nge na nto; 31 naba sebenzisa lo mhlaba, ba be njengokuba be nga wu sebenzisi ngokudhlulileyo: ngokuba ukuma kwa lo mhlaba ku ya dhlula. 32 Kepa ngi tanda ukuba ni nga bi na kupiseka. O nga ganiwe u pisekela okweNkosi, ukuba a nga koleka kanjani eNkosini: 33 kepa oganiweyo u pisekela okwomhlaba, ukuba a nga koleka kanjani kumkake, 34 wahlukene pakati. Nowesifazana o nga ganile nentombi i pisekela okwe-Nkosi, ukuze i be ngcwele emzimbeni na semoyeni: kepa oganileyo u pisekela okwomhlaba, ukuba a nga koleka kanjani endodeni yake. 35 Ngi sho loku ukuba ku be usizo kinina; ku nge siko ukuze ngi ni gaxe ngesihibe, kepa ukuba ni hambe ngokufaneleyo, ni ncashele eNkosini ni nga shamasheki. 36 Kepa uma umuntu e ti wenza oku nga fanele endodakazini yake e intombi, i si dhlulile ebuqikizeni bayo, uma ku melwe ukuba kwenziwe kanjalo, a k'enze akubonayo; a k'oni; ma ba gane. 37 Kepa omiyo e gxilile enhliziyweni yake, e nga cindezelwa yiluto, e namandhla pezu kwentando yake, e ku nqumile loku kweyake inhliziyo, ukuti u za kugcina indodakazi yake e yintombi, wo ba wenza kahle. 38 Njaloke noyendisayo indodakazi yake e yintombi wenza kahle; kepa ongayendisiyo wo ba wenza kahle kakulu. 39 Umfazi u boshiwe ngesikati leso indoda yake e se kona ngaso; kepa uma indoda i si file, u kululekile, a ng'endela na ku bani ngokutanda kwake; kupela ukuba ku be k'o seNkosini. 40 Kepa u ya kuba nenhlanhla enkulu, ngokubona kwami, uma e hlala njengaloku e njalo: futi ngi ti ngi nomoya ka Nkulunkulu.

8 Ngokuhlatshelwe izitombe: Si y'azi ukuti sonke si nokwazi. Ukwazi ku ya kukumeza, kepa utando lu y'aka. 2 Uma umuntu e ti wazi uto, ka k'azi njengokuba ku fanele ukuba azi; 3 kepa uma umuntu e tanda uNkulunkulu, lowo u y'aziwa uye. 4 Ngakoke mayelana nokudhliwa kwoku hlatshelwe izitombe, si y'azi ukuti a kuko sitombe esi yinto ya luto emhlabeni, nokuti a kuko Nkulunkulu mumbe, munye kupela. 5 Ngokuba noma ku kona oku tiwa onkulunkulu, nokuba ku sezulwini nokuba ku semhlabeni; njengoba ku kona onkulunkulu abaningi namakosi amaningi: 6 kantike kitina ku kona uNkulunkulu munye, uYise, oku vela kuye konke, nati si konela yena; neNkosi inye uJesu Kristu, oku ngayo konke, nati si ngayo. 7 Kepa a kuko kubo bonke loko kwazi: kepa abanye, loku be jwayelene nesitombe ku ze ku be manje, ba ku dhla ku njeng'oku hlatshelwe isitombe; unembeza wabo o butakataka nje u ya ngcola. 8 Kepa ukudhla a ku si sondezi ku Nkulunkulu: noma si nga dhli, a si silali nga luto, noma si dhla, a si cicimi nga luto. 9 Kepa qapelani funa ingabe lawa mandhla enu a be into yokuqu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Uma ukudhla ku kubekisa umzalwane. Inkululeko yabapostoli.

zula kwaba butakataka. **10** Ngokuba uma umuntu e ku bona wena o nokwazi u hlezi ekudhleni etempelini lesitombe, unembeza wake, nxa e butakataka, a ka yi kududeka yini ukuba a dhle oku hlatshelwe izitombe na? **11** Ngokuba ngokwazi kwako u ya buba o butakataka, umzalwane amfelayo uKristu. **12** N'ona kanjalo nje ku bazalwane, ni limaza onembeza babo be butakataka, ni y'ona ku Kristu. **13** Ngalokuke uma ukudhla ku kubekisa umzalwane wami, a ngi sa yi kudhla nyama ku ze ku be nini, ukuze ngi nga m kubekisi umzalwane wami.

9 A ngi kululekile na? a ngi siye umpostoli yini na? a ngi m bonanga uJesu iNkosi yetu na? a ni siwo umsebenzi wami nina eNkosini na? **2** Noma ngi nge siye umpostoli kwabanye, kantike kinina ngi nguye; ngokuba upau lobupostoli bami yinina eNkosini. **3** Ukuzipendulela kwami kwabangihlolayo yilokuke. **4** A si na lungelo yini lokudhla nokupuza? **5** A si na lungelo yini lokuhamba nomfazi okolwayo, njengabanye abapostoli, nabafo wabo beNkosi, noKefasi na? **6** Kumbe yimina kupela noBarnaba esi nge na lungelo lokuba si yeke ukuzisebenzela na? **7** Ubani o puma impi izindhleko zi be ezake na? ubani o tshala isivini, a nga dhli izitelo zaso na? ubani o walusa umhlambi, a nga dhli ubisi lomhlambi na? **8** Ngi sho loku ngokwabantu na? kumbe ka u sho konaloko nomteto na? **9** Ngokuba ku lotshiwe emtetweni ka Moses ukuti, U nga yi faki inkabi isifonyo lapo i bhula amabele. Konje uNkulunkulu u katalela izinkabi na? **10** kumbe u ku sho ngenxa yetu impela na? Yebo, kwa lotshwa ngenxa yetu: ngokuba olimayo nga e lima e netemba, nobhulayo nga e bhula e netemba lokuhlanganyela. **11** Uma tina si hlwanyele kini oku ka moya, ku yinto enkulu yini uma si za kuvuna okwenu kwenyama na? **12** Uma abanye be hlanganyela leli lungelo pezu kwenu, tinake ku nge be ku kulu okwetu na? Noko a si li sebenzisanga leli lungelo; si bamb'inyewe ngako konke, ukuze si nga li tiyi ivangeli li ka Kristu. **13** A n'azi yini ukuti aba sebenza ngezinto ezingcwele ba dhla okwetempeli, nokuti aba hlala be konza elatini ba tola isabelo nelati? **14** Ngokunjalo iNkosi ya misa ukuba aba memezela ivangeli ba pile ngevangeli. **15** Kepa a ngi sebenzisanga luto lwa lezi zinto: na loku a ngi ku lobele ukuba kwenziwe kanjalo kimina; ngokuba ku nga kuhle ngakanye kimina ukuba ngi fe, kunokuba umuntu a kwenzize loku engi zigabisa ngako. **16** Ngokuba uma ngi shumayela ivangeli, a ngi nako engi nga zigabisa ngako; ngoba okungicindezelayo ku bekwe kimi; ngoba maye mina, uma ngi nga shumayeli ivangeli. **17** Ngoba uma ng'enza loku ngeyami intando, ngi nomvuzo: kepa uma ku nge ngentando yami, ngi patiswa ubunceku. **18** Po u yini umvuzo wami na? Ng'okokuba nxa ngi shumayela ivangeli, ngi l'enze ivangeli li nga bizi luto, ngi nga sebenzisi lonke ilungelo lami evangelini. **19** Ngokuba noma nga ngi kululekile kubo bonke, nga z'enza isigqili sabo bonke, ukuze ku be ikona ngi zuza abaningi. **20** Ku baJuda nga ba njengomJuda, ukuze ngi zuze abaJuda; kwaba pansi kwomteto, nga ba njeng'o pansi kwomteto, ngi nge pansi kwomteto mina, ukuze ngi zuze aba pansi kwomteto; **21** kwaba nge na mteto, nga ba njeng'o nge na mteto, ngi nge siye o nge na mteto ku Nkulunkulu, ngi pansi kwomteto ku Kristu, ukuze ngi zuze aba nge na mteto. **22** Kwaba butakataka nga ba butakataka, ukuze ngi zuze aba butakataka: se ngi izinto zonke kubo bonke, ukuze ngezindhlela zonke ngi sindise abanye. **23** Ngi kwenza konke ngenxa yevangeli, ukuze ngi be umhlanganyeli kulo kanye nabo. **24** A n'azi yini ukuti aba gijima emjahweni ba gijima bonke, kepa munye o tola ihxomelo? Gijimani kanjalo; ukuze ni tole. **25** Wonke oncintisanayo u ya zibamba kuko konke. Labo b'enza ukuba ba tole umqele owonakalayo; kepa tina ukuba si tole ongonakaliyo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Eza okoko zi izibonelo. Inkululeko ma i nga patwa kabi.

26 Ngakoke mina ngi gijima ku nge ngokungati a ngi qondi; ngi ya lwa ngezibakela njeng'o nga shayi umoya: 27 kepa ngi tuba umzimba wami, ngi w'enza isigqili: funa ku nga ze ku ti se ngi shumayeze abanye, ngi be owaliwayo mina uqobo.

10 Ngoba a ngi tandi, bazalwane, ukuba ni ng'azi ukuti okoko betu bonke ba be pansi kwefu, bonke ba dabula ulwandhle; 2 bonke ba bapatizelwa ku Moses efwini na selwandhle; 3 bonke ba dhla ukudhla kunye komoya; 4 bonke ba puza ukupuza kunye komoya: ngokuba ba puza etsheni lomoya elabalandelayo: itshe lelo la li nguKristu. 5 Kantike iningi labo uNkulunkulu wa e ng'enamile ngalo: ngoba naku la tiwa watalala ehlane. 6 Lezi zintoke za ba izibonelo zetu, si ze si nga kanuki okubi, njengaloku ba kanuka bona. 7 Futi ni nga bi aba konza izitombe njengabanye kubo; njengokulotshiweyo ukuti, Abantu ba hlala ukuba ba dhle ba puze, ba suka ukuba ba dhlale. 8 Futi a si ng'enzi ubufebe njengaloku abanye kubo b'enza ubufebe, ba wa nga lusuku lunye aba izinkulungwane ezi mashumi mabili nantatu. 9 Futi a si nga yi lingi iNkosi njengaloku abanye kubo ba yi linga, ba bujiswa izinyoka. 10 Futi ni nga kononi njengaloku abanye kubo ba konona, ba shabalaliswa umbubisi. 11 Kepa lezi zinto zonke za b'ehlela bona za ba izibonelo; za lotshelwa ukuba si lulekwe ngazo tina, e se si fikelwe ukugcina kwezikati. 12 Ngakoke o suk'e ti u mi a ka qapele funa a we. 13 A ni banjwe isilingo esi nge njengesabantu nje: kepa uNkulunkulu u tembekile, o nga yi kuvuma ukuba ni lingwe ngoku ngapezu kwamandhla enu; wo ti kanye nesilingo a n'enzele ituba lokupepa, ni ze ni be namandhla okukukutwala.

14 Ngalokoke, batandwa bami, kubalekeleni ukukonza izitombe. 15 Ngi kuluma njenga kwabahlakanipileyo; qazani engikushoyo. 16 Indebe yokubusisa esiyibusisayo, a sibo ubudhlelwane begazi li ka Kristu na? Isinkwa esisihlepulayo, a sibo ubudhlelwane bomzimba ka Kristu na? 17 loku tina si baningi nje, si sinkwa sinye, si mzimba munye: ngokuba tina sonke si hlanganyela leso sinkwa sinye. 18 Bhekani uIsraeli o ngokwenyama: abadhlayo imihlatshelo a ba na budhlelwane nelati na? 19 Ngi tini po? ngi ti oku hlatshelwe isitombe ku yinto na? kumbe ngi ti isitombe si yinto na? 20 Kodwa ngi ti, loko oku hlatshwa abezizwe, ba ku hlabela amademone, a ba hlabeli uNkulunkulu: a ngi tandi ukuba ni be nobudhlelwane namademone. 21 Ni nge yi puze indebe yeNkosi, nendebe yamademone: ni nge hlanganyele itafula leNkosi, netafula lamademone. 22 Kumbe si ya yi kwelezisa iNkosi na? si namandhla kunayo na?

23 Ku vumekile konke; kepa a ku sizi konke. Ku vumekile konke; kepa a kwaki konke. 24 A ku nga biko ozifunelayo, a ku be ilowo a funele omunye. 25 Konke oku tengiswa esilaheni, ku dhleni, ni nga hloli luto ngenxa ka nembeza; 26 ngokuba umhlaba u ngoweNkosi, nokugcwala kwawo. 27 Uma umuntu kwabangakolwayo e ni mema, ni tanda ukuya; konke oku bekwa pambi kwenu, ku dhleni, ni nga hloli luto ngenxa ka nembeza. 28 Kepa uma umuntu e ti kini, Loku ku nikelwe kwa umhlatshelo, ni nga ku dhli, ngenxa yake okuvezileyo, na ngenxa ka nembeza: 29 unembezake a ngi sho owako, ngi sho owomunye; yini ukuba ukukululeka kwami kwahlulelwe unembeza omunye na? 30 Uma ngi dhla ngokubonga, ngi tukelwani nga loko engikubongayo na? 31 Ngakoke noma ni dhla, noma ni puza, noma n'enzani, kwenzeni konke ku be udumo lu ka Nkulunkulu. 32 Yibani abangakubekisiyo, na ku baJuda, na ku maGreki, na sebandhleni li ka Nkulunkulu; 33 njengokuba nami ngi tokozisa bonke ngako konke, ngi nga funi oku siza mina, kodwa oku siza abaningi, ukuze ba sindiswe. **11** 1 Ngi lingiseni, njengokuba nami ngi lingisa uKristu.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abesifazana ma ba gutshuzelwe. Indaba yesidhlo seNkosi.

2 Kepa ngi ya ni babaza ngokuba ni ngi kumbula ezintweni zonke, ni bambile amasikoti njengokuba nga ni nika wona. 3 Kepa ngi tanda ukuba n'azi ukuti inhloko yayo yonke indoda nguKristu; inhloko yowesifazana yindoda; inhloko ka Kristu nguNkulunkulu. 4 Indoda e suk'i tandaza mhlaumbe i profeta, ikanda layo li mboziwe, i hlazisa ikanda layo. 5 Kepa owesifazana o suk'e tandaza mhlaumbe e profeta ikanda lake li nga gutshuzelwe u hlazisa ikanda lake; ngokuba loko ku kunye nokuti u puculiwe. 6 Ngokuba uma owesifazana e nga gutshuzelwe, a ka gundwe pela: kodwa uma ku ngamahloni kowesifazana ukuba a gundwe, nokuba a puculwe, a ka gutshuzelwe. 7 Ngoba pela indoda a i fanele ukugutshuzelwa ikanda, loku i ngumfanekiso nobukosi bu ka Nkulunkulu: kepa owesifazana u ngubukosi bendoda. 8 Ngoba, indoda a i velanga kowesifazana; kepa owesifazana wa vela endodeni: 9 futi indoda a i dalelwanga owesifazana; kodwa owesifazana wa dalelwa indoda: 10 ngaloku owesifazana u fanele ukuba nopau ekanda lokuti u ngopetweyo ngenxa yezingelosi. 11 Noko owesifazana a ka ngapandhle kwendoda, nendoda a i ngapandhle kwowesifazana eNkosini. 12 Ngoba njengokuba owesifazana e vela endodeni, ngokunjalo nendoda i vela ngowesifazana; kepa konke ku vela ku Nkulunkulu. 13 Qazani nani ngokwenu; ku fanele yini ukuba owesifazana a tandaze ku Nkulunkulu e nga gutshuzelwe na? 14 A ni fundiswa yini iyo imvelo, ukuti uma kambe indoda i nezinwele ezinde, ku isituniso kuyo? 15 Kodwa uma owesifazana e nezinwele ezinde, ku udumo kuye; ngokuba u piwe izinwele zi be isigubuzelo. 16 Kepa uma umuntu kungati u pik'inkani, a si na mkuba onjalo tina, namabandhla ka Nkulunkulu a ka nawo.

17 Kepa ekuniyaleni kwami nga loku, a ngi ni babazi, ukuti ni butana ku nga veli okuhle, ku vele okubi. 18 Ngokuba okokuqala, nxa ni butana ebandhleni, ngi zwa ukuti ku kona ukwahlukana pakati kwenu; ngi cish'ukukolwa yiko, 19 Ngokuba nga ku be kona amaqembuqembu pakati kwenu, ukuba ba bonakale abavunyiweyo pakati kwenu. 20 Ngakoke nxa ni butana ndawonye, a kuko ukudhliwa kwesidhlo seNkosi: 21 ngokuba ekudhleni kwenu ilowo u tata okwake ukudhla ngapambi kwomunye; omunye a lambe, omunye a dakwe. 22 Kona kambe a ni na zindhlu zokuba ni dhle ni puze kuzo na? kumbe ni ya delela yini ibandhla li ka Nkulunkulu, ni jabise aba nge na nto na? Ngi za kutini kini na? ngi za 'unibabaza na? A ngi ni babazi nga loku. 23 Ngokuba mina nga kwamkela eNkosini loko enga ni nika kona, kokuti iNkosi uJesu nga lobo busuku eya kashelwa ngabo ya tabata isinkwa; 24 ya t'uba i bonge, ya si hlepula, ya ti, Loku ku ngumzimba wami owapulelwe ngenxa yenu: yenzani loku ni be ni ngi kumbula. 25 W'enze njalo na ngendebe emva kwokudhla, wa ti, Le ndebe i yisivumelwano esisha ngegazi lami: yenzani loku, nxa ni yi puza, ni be ni ngi kumbula. 26 Ngokuba njalo nxa ni dhla lesi sinkwa, ni puza le ndebe, ni memezela ukufa kweNkosi i ze i fike. 27 Ngakoke lowo o za kudhla lesi sinkwa a puze le ndebe yeNkosi ngokungafanele, wo ba e necala lomzimba negazi leNkosi. 28 Kodwa umuntu a ka zivivinye, and'uba a dhle lesi sinkwa, a puze le ndebe. 29 Ngokuba odhlayo a puze, u zidhlela a zipuzele ukwahlulelwa, uma e nga wu qondisisi umzimba. 30 Ngenxa ya loku abaningi pakati kwenu ba butakataka, ba ya gula, nabatile ba lele. 31 Kepa uma be si ziqondisisa tina, be si nga yi kwahlulelwa. 32 Kepa nxa s'ahlulelwa, si ya laywa yiNkosi, ukuze si nga lahlwa kanye nomhlaba. 33 Ngakoke, bazalwane bami, nxa ni butana ukuba ni dhle, lindanani. 34 Uma umuntu e lambile, a ka dhle ekaya; ukuze ukubutana kwenu ku nga yisi ekwahlulelweni. Kepa okuseleyo ngo ku lungisa nxa ngi fikayo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izipiwó ezi ngokwomoya. Umzimba munye, izito zi ningi.

12 Ngezipiwo-ke ezi ngezomoya, bazalwane, a ngi tandi ukuba ni ng'azi. 2 Ni y'azi ukuti ni se ngabezizwe na donsekela kuzo izitombe ezi izimungulu, njengokuba ni suka ni donsekela nje. 3 Ngako ngi ya n'azisa ukuti a kuko muntu o kuluma ngoMoya ka Nkulunkulu o ti, UJesu u ngolokotelweyo; futi a kuko muntu o nga ti, UJesu u yiNkosi, kupela ngaye uMoya oNgcwele.

4 Kepake ku kona izabelo ngezabelo zezipiwo, kepa uMoya munye. 5 Ku kona izabelo ngezabelo zezinkonzo, kepa inye iNkosi. 6 Ku kona izabelo ngezabelo zemisebenzi, kepa uNkulunkulu munye o sebenza konke kubo bonke. 7 Kepa ilowo u piwa oku bonakalisa uMoya ukuze ku be okokusiza kanyekanye. 8 Ngokuba omunye u piwa ngaye uMoya izwi lokuhlakanipa; omunye izwi lokwazi, ngoku ka Moya lowo; 9 omunye ukukolwa kuye uMoya lowo; omunye izipiwo zokupulukisa kuye uMoya munye; 10 omunye u piwa ukwenza imisebenzi yamandhla; omunye ukuprofeta; omunye ukuqondisisa omoya: omunye izilimi ngezilimi; omunye ukuzihumusha izilimi: 11 kepa konke loku ku setshenzwa uyena lowo Moya munye, e b'abela ilowo ngokwake njengokutanda kwake.

12 Ngokuba njengomzimba u munye kepa u nezito eziningi, izito zonke zomzimba nokuba zi ziningi nje, zi ngumzimba munye; u njaloke noKristu. 13 Ngokuba nga'Moya munye tina sonke sa bapatizwa si be umzimba munye, noma si ngabaJuda noma si ngamaGreki, noma si izigqili noma si ngabakululekileyo; tina sonke sa puziswa ku Moya munye. 14 Ngoba umzimba a u sito sinye, u ngeziningi. 15 Uma unyawo lu ti, Loku ngi nge siso isandhla, a ngi siko okwomzimba; ngaloko a lu siko oku nge siko okwomzimba. 16 Noma indhlebe i ti, Loku ngi nge silo iso, a ngi siko okwomzimba; ngaloko a i siko oku nge siko okwomzimba. 17 Uma ngabe umzimba wonke u bu iso, nga ku be ukuzwa kupi na? Uma ngabe wonke u bu ngukuzwa nga ku be ukuhogela kupi na? 18 Kepa kaloku uNkulunkulu u mise izito ngazinye emzimbeni, njengokubona kwake. 19 Uma ngabe zonke be zi isito sinye, nga ku be umzimba upi na? 20 Kepa kaloku izito ziningi, kepa umzimba munye. 21 Iso a li na kusho esandhleni ukuti, A ngi ku dingi: futi ikanda a li na kusho ezinyaweni ukuti, A ngi ni dingi. 22 Kanti ngakanye lezo zito zomzimba ezi nga ti zi butakataka kunezinye zi ya dingeka: 23 na lezo zito zomzimba, esi ti zi tuseka kancane, izona esi zi faka ukutuswa okukulu; izito zetu ezi nge na simo esihle zi ba nesimo esihle kakulu; 24 ingantike lezo ezi nesimo esihle a zi dingi luto: kepa uNkulunkulu u wu hlele wa wu hlanganisa umzimba, wa nika lezo ezisilelweyo ukutuswa okukulu; 25 ukuze ku nga biko ukwahlukana emzimbeni; kodwa izito zi pisekelane ngokufanayo. 26 Noma ku hlupeka isito si sinye, zonke izito zi hlupeka kanye naso; uma ku dunyiswa isito si sinye, izito zonke zi tokoza kanye naso. 27 Ninake ni ngumzimba ka Kristu, ni izito zawo ngabanye. 28 UNkulunkulu u mise abanye ebandhleni, kuqala abapostoli, okwesibili abaprofeti, okwesitatu abafundisi, be se ku ba imisebenzi yamandhla, be se ku ba izipiwo zokupulukisa, nokubambisana, nokubusa, nezilimi ngezilimi. 29 Bonke ba ngabapostoli na? bonke ba ngabaprofeti na? bonke ba ngabafundisi na? bonke ba ng'abenza imisebenzi yamandhla na? 30 bonke ba nezipiwo zokupulukisa na? bonke ba kuluma ngezilimi na? bonke ba ya humusha na? 31 Kepa shisekelani izipiwo ezikulu. Kantike ngi ni bonisa indhlela eyona inhle kakulu.

13 Noma ngi kuluma ngezilimi zabantu nezezingelosi, kepa ngi nge na lutando, se ngi itusi nje el'enza umsindo, nesikencezo esikencezayo. 2 Noma ngi nokuprofeta, ng'azi izimfihlakalo zonke nokwazi konke; noma ngi nokukolwa konke ngangoba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ubukulu botando. Kuhle ukuprofeta kunokukuluma ngezilimi.

ngi nga gudhluza izintaba, ngi nge na lutando, a ngi into ya luto. **3** Noma ng'ondhla abampofu ngayo yonke impahla yami, noma ngi nikela umzimba wami ukuba u shiswe, ngi nge na lutando, a ku ngi sizi nga luto. **4** Utando lu ya bekezela, lu mnene; utando a lu na mona; utando a lu zincomi, a lu kukumali, **5** a lwenzi oku nga fanele, a lu zifuneli okwalo, a lu cunuki, a lu bali okubi; **6** a lu tokozi ngoku nga lungile, lu tokozisana neqiniso; **7** lu bamb'inyewe ngezinto zonke, lu kolwa izinto zonke, lwetemba izinto zonke, lu kutazela ezintweni zonke. **8** Utando a lu ze lu nga pela: kepa noma ku kona ukuprofeta, ku za kushabalaliswa; noma ku kona izilimi, zi za kukauka; noma ku kona ukwazi, ku za kushabalaliswa. **9** Ngokuba s'azi inxenye, si profeta inxenye; **10** kepa nxa se ku fikile okupeleleyo, oku inxenye ku za kushabalaliswa. **11** Lapo ngi se ingane, nga kulumisa okwengane, nga ngi nomnako wengane; nga zindhlisa okwengane; kepa kaloku se ngi indoda, ngi yekile okwobungane. **12** Ngokuba manje si bona esibukweni ku umzizima; kepa nga leyo nkati so bonana ubuso nobuso: manje ng'azi inxenye; kepa nga leyo nkati ngi ya kwazi du njengokuba ng'aziwa du. **13** Kepa manje ku mi ukukolwa, ukwetemba, utando, loku kokutatu; oku yikona ku kukulu ke ngutando.

14 Jokani utando; kepa ni shisekele izipiwo ezi ngezomoya, ikakulu ukuba ni profete. **2** Ngokuba o kuluma ngolimi lumbe ka kulumi ku bantu, u kuluma ku Nkulunkulu; ngoba a kako ozwayo; noko u ya kuluma ngomoya izimfihlakalo. **3** Kepa oprofetayo u kuluma ku bantu okwokwaka, nokuyala, nokuqunga isibindi. **4** O kuluma ngolimi lumbe u ya z'aka yena; kepa oprofetayo waka ibandhla. **5** Ngi nga tanda ukuba ni kulume ngezilimi nonke, kepa ikakulu ukuba ni profete: mkulu oprofetayo kun'o kuluma ngezilimi, uma e nga humusheli, ukuze ibandhla l'akeke. **6** Kalokuke, bazalwane, uma ngi za kini ngi kuluma ngezilimi, ngi ya kunisiza ngani, uma ngi nga kulumi kinina ngokwambula, noma ngokwazi, noma ngokuprofeta, noma ngokufundisa? **7** Nezinto ezi nge na mpefumulo, ezikalayo, kumbe ivenge kumbe inkoka, uma zi nga vezi umahluko ekuzwakaleni, ku ya kwaziwa kanjani oku betwa ngevenge na ngenkoka na? **8** Ngoba uma icilongo li kala ngezwi elingaqondakaliyo, ubani o ya kuzilungiselela ukulwa na? **9** Ngokunjalo nani, uma ni nga kulumi ngolimi izwi elicacileyo, ku ya kwaziwa kanjani okukulunywayo na? ngoba ni ya kuba ni kuluma emoyeni nje. **10** Ku nga hle ku be kona izinhlobo noma ezingaki zokukuluma emhlabeni, kepa a luko kuzo olu nga sho luto. **11** Ngakoke uma ngi nga kwazi oku shiwo yiloko kukuluma, ngi ya kuba umbabariya kokulumayo, nokulumayo u ya kuba umbabariya kimi. **12** Ngokunjalo nani, loku ni shisekele izipiwo ezi ngezomoya, funani ukuba ni vame ukuze kwakeke ibandhla. **13** Ngakoke o kuluma ngolimi lumbe ma ka tandazele ukuba a be nokuhumusha. **14** Ngokuba uma ngi tandaza ngolimi lumbe, ku tandaza umoya wami, kepa umqondo wami a u vezi sitelo. **15** Ku tiwani po? Ngi ya kutandaza ngomoya, ngi tandaze na ngomqondo: ngi ya kuhuba ngomoya, ngi hube na ngomqondo. **16** Uma ku nge njalo nxa u busisa ngomoya, o sesikundhleni s'o nge na kwazi a nga sho kanjani ukuti, Amen, ekubongeni kwako, loku e ng'azi okushoyo? **17** Ngoba bala u bonga kahle wena, kepa lowo omunye a k'akiwa. **18** Ngi bonga uNkulunkulu ngoba ngi kuluma ngezilimi kunani nonke: **19** kanti ebandhleni ngi nga tanda ukuba ngi kulume amazwi a isihlanu ngomqondo wami, ukuze ngi fundise nabanye, kunamazwi a izinkulungwane ezi ishumi ngolimi lumbe.

20 Bazalwane, ni nga bi abantwana ngengqondo: kepa ebubini a ni be izingane, ku ti engqondweni ni be ngabakulileyo. **21** Ku lotshiwe emte-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

tweni ukuti, Ngabantu bezinye izilimi na ngemilomo yabezinye izizwe ngi ya kukuluma ku laba bantu; kepa noma ku njalo a ba yi kungizwa, i sho iNkosi. 22 Njaloke izilimi zi isibonakaliso kwabangakolwayo, ku nge siko kwabakolwayo: kepa ukuprofeta ku isibonakaliso kwabakolwayo, ku nge siko kwabangakolwayo. 23 Ngakoke uma ibandhla lonke li butene ndawonye bonke ba kulume ngezilimi, ku ngene aba nge na kwazi nabangakolwayo, a ba yi kuti ni ya hlanya na? 24 Kodwa uma bonke be profeta, ku ngene ongakolwayo noma o nge na kwazi, u ya hlatshwa ibo bonke, u ya hlolwa ibo bonke; 25 okufihlakeleyo kwenhliziyo yake ku ya dalulwa; njalo u ya kuti mbo ngobuso a kuleke ku Nkulunkulu, a sho ukuti impela uNkulunkulu u kona pakati kwenu.

26 Ku tiwani po, bazalwane? Inxa ni butana, ilowo u ba nehubo, a be nesifundiso, a be nokwambula, a be nolimi lumbe, a be nokuhumusha. Ma ku ti konke kwenzelwe ukwaka. 27 Umake umuntu e kuluma ngolimi lumbe, a ku be ngababili kumbe ngabatatu ba nga dhluli, ku be ngokulandelana; omunye a humushele: 28 kepa uma ku ngeko ihumusha, a ka tule ebandhleni; a zikulumele yedwa yena, a kulume na ku Nkulunkulu. 29 Abaprofeti a ba kulume ngabili nokuba ngabatatu, abanye ba ku hlole. 30 Kepa uma kwambulwa uto komunye ohleziyo kona, ka tule owokuqala. 31 Ngokuba ni nga profeta nonke ngabanye, ukuze ba funde bonke, ba vuselelwe bonke; 32 imimoya yabaprofeti i tobela abaprofeti; 33 ngokuba uNkulunkulu a si ngowesiyaluyalu, kepa ngowokutula.

Njenga kuwo onke amabandhla abangcwele, 34 abesifazana a ba tule emabandhleni: a ba vunyelwa ukuba ba kulume; nga be toba njengokuba u sho nomteto. 35 Umake be tanda ukuzwa uto, a ba buze emadodeni abo emakaya: ngokuba ku ihlazo kowesifazana ukuba a kulume ebandhleni. 36 Kanti bala izwi li ka Nkulunkulu la puma li vela kinina yini na? kumbe la fika kinina nodwa na?

37 Uma umuntu e ti u ngumprofeti, nokuba u ngowomoya, ma k'azi loku engi ni lobela kona, ukuti ku umyalo weNkosi. 38 Kepa uma umuntu e ng'azi, a ka be ong'aziyo.

39 Ngakoke, bazalwane bami, shisekeleni ukuprofeta, ni nga ku nqabeli ukukuluma ngezilimi. 40 Kepa a kwenziwe konke ngemfanelo na ngokuhlelwa.

15 Ngi ya n'azisake, bazalwane, ivangeli enga ni shumayeza lona, nenalamkelayo, n'eni mi kulo, 2 n'eni sindiswa ngalo, uma ni bambelela ezwini enga ni shumayeza lona, uma ukukolwa kwenu ku nga banga ize. 3 Ngokuba nga ni nika kwa ba okwokuqala loko engakwamkelayo nami: ukuti uKristu wa fa ngenxa yezono zetu ngokwemibhalo; 4 nokuti wa mbelwa; nokuti u vuswe ngosuku lwesitatu ngokwemibhalo; 5 nokuti wa bonakala ku Kefasi; wa e s'e bonakala kwaba ishumi nambili; 6 wa e s'e bonakala nga sikati sinye ku bazalwane aba ngapezu kwamakulu amahlanu, iningi labo eli se kona na kaloku, kepa abanye se be lele; 7 wa e s'e bonakala ku Jakobe; wa e s'e bonakala ku bapostoli bonke; 8 ku te ekugcineni kwabo bonke, njenga k'o zelwe ngokupupuma, wa bonakala na kimina. 9 Ngokuba ngi ngomncinyane ku bapostoli, engi nga fanele ukutiwa umpostoli, ngokuba nga zingela ibandhla li ka Nkulunkulu. 10 Kepa ngomusa ka Nkulunkulu ngi yiloko engi yiko: umusa wake o nga kimi a u banga ize; kodwa nga sebenza ngokukandhleka kakulu kunabo bonke: kepa a si mina, ngumusa ka Nkulunkulu owa u kimi. 11 Ngakoke noma ku yimina noma ku yibona, si ya shumayela kanjalo, na kolwa kanjalo.

12 Kepa uma uKristu e shunyayelwa ukuti u vusiwe kwabafileyo, ba sho ngani abanye pakati kwenu ukuti a kuko ukuvuka kwabafileyo na? 13 Kepa uma ku ngeko ukuvuka kwabafileyo, a ka vuswanga naye uKri-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuvuka ku ka Kristu ku tembisa okwetu. Ku qiniselwa.

stu: 14 uma uKristu e nga vuswanga, ukushumayela kwetu ku yize, nokukolwa kwenu ku yize. 15 Yebo, si ya funyaniswa si ngofakazi bamanga ngoNkulunkulu: ngokuba si fakaze ngoNkulunkulu ukuti wa m vusa uKristu: a nga m vusanga, uma kanti abafileyo be nga vuswa. 16 Ngokuba uma abafileyo be nga vuswa, a ka vuswanga naye uKristu: 17 uma uKristu e nga vuswanga ukukolwa kwenu ku yize; ni se sezonweni zenu. 18 Na laboke a se be lele be ku Kristu ba bubile. 19 Uma si tembe ku Kristu ku loku kupila nje, si ngabokuhaukelwa kunabantu bonke.

20 Kepa kaloku uKristu u vusiwe kwabafileyo, e ngulibo lwabaleleyo. 21 Ngokuba loku ukufa kw'eza ngomuntu, ukuvuka kwabafileyo nako kw'eza ngomuntu. 22 Ngokuba njengaloku ku Adam bonke ba ya fa, ngokunjalo ku Kristu bonke ba ya kwenziwa ba pile. 23 Kepa ilowo ngesigaba sake: uKristu e ulibo; be se ku ba aba ka Kristu ekufikeni kwake. 24 Kwand'ukuba ukupela, lapo e yo nikeza uNkulunkulu uYise umbuso; lapo e yo ba e se citile ukubusa konke nobukosi bonke namandhla. 25 Ngokuba u melwe ukuba a buse a ze a beke izita zonke pansi kwezinyawo zake. 26 Isita sokugcina esi ya kucitwa ngukufa. 27 Ngokuba u tobisele izinto zonke pansi kwezinyawo zake. Kepa nxa e ti, Izinto zonke zi totshisiwe, ku sobala ukuti u ngapandhle kwazo yena owa tobisela izinto zonke kuye. 28 Ko ti nxa izinto zonke se zi totshiselwe kuye, konake neNdodana i ya kutotshiselwa ku lowo owa tobisa izinto zonke kuyo, ukuze uNkulunkulù a be yiko konke kuko konke.

29 Uma ku nge njalo, ba ya kwenze njani aba bapatizelwa abafileyo? Uma abafileyo be nga vuswa nempela, ba bapatizelwani ngenxa yabo na? 30 Yini ukuba si be sengozini ngezikati zonke? 31 Ngi funga ukuzigabisa ngani, bazalwane, engi nako ngaye uKristu Jesu iNkosi yetu, ngi ya fa imihla ngemihla. 32 Uma nga lwa nezilo eEfesu ngokwabantu nje, ku ngi sizani? Uma abafileyo be nga vuswa, ma ši dhle si puze, ngoba ngomuso si za kufa. 33 Ni ng'eduswa: Ukujwayelana nababi ku y'onakalisa inkambo enhle. 34 Qabukani ni lunge, ni ng'oni; ngokuba abanye ka ba m azi uNkulunkulu: ngi sho loku ukuba ni be namahloni.

35 Kepa omunye u za kuti, Abafileyo ba vuswa kanjani na? b'eza be na mzimba muni na? 36 Wena sipukupuku, loko okuhlwanyelayo wena a ku mili uma ku nga fanga; 37 futi loko okuhlwanyelayo, a u hlwanyeli umzimba o za kuba kona, u hlwanyela uhlamvu nje, mhlaumbe olu ka kolweni, mhlaumbe olokunye; 38 kepa uNkulunkulu u lu nika umzimba njengokubona kwake, ileyo mbeu u yi nika owayo umzimba. 39 Inyama yonke a yinyamanye; i kona enye inyama yabantu, enye inyama yezilwane, enye inyama yezinyoni, nenye yezinhlanzi. 40 I konake nemizimba ya sezulwini, nemizimba ya semhlabeni: kepa ubucwazicwazi beyasezulwini bu bodwa, nobeyasemhlabeni bu bodwa. 41 Bu bodwa ubucwazicwazi belanga, bu bodwa ubucwazicwazi benyanga, bu bodwa ubucwazicwazi bezinkanyezi; ngokuba inkanyezi yahluke kwenye inkanyezi ngobucwazicwazi. 42 Ku njaloke nokuvuka kwabafileyo. Umzimba u hlwanyelwa u nokubola; u vuswa u nge na kubola: 43 u hlwanyelwa u nokutuniswa; u vuswa u nobucwazicwazi: u hlwanyelwa u nobutakataka; u vuswa u namandhla: 44 u hlwanyelwa u ngumzimba wemvelo; u vuswa u ngumzimba womoya. Uma u kona umzimba wemvelo, u konake nomzimba womoya. 45 Ngokunjalo ku lotshiwe ukuti, Umuntu wokuqala uAdam wa ba umpefumulo opilayo. UAdam wokugcina wa ba umoya o nika ukupila. 46 Kantike okwokuqala a ku siko okwomoya, kungokwemvelo; be se ku ba okwomoyake. 47 Umuntu wokuqala wa vela emhlabeni u ngokwomhlabati; umuntu wesibili u vela ezulwini. 48 Njengoba e njalo o

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ngowokwomhlabati, ba njalo nabo aba ngokwomhlabati: njengoba e njalo o ngowokwezulu, ba njalo nabo aba ngab'okwezulu. 49 Njengaloku si fuze o ngowokwomhlabati, si ya kufuza n'o ngowokwezulu.

50 Ngi sho loku, bazalwane, ukuti inyama negazi ku nge wu dhl'ubufa umbuso ka Nkulunkulu; nokubola a ku ku dhl'ubufa ukungaboli. 51 Bhekani, ngi ni tshela imfihlakalo yokuti: A si yi kulala sonke, kepa si ya kuguqulwa sonke, 52 ngokuti nyampu, ngokupazima kweso, ngecilongo lokugcina: ngokuba icilongo li ya kukala, abafileyo ba ya kuvuswa be nge na kubola, si guqulwe tina. 53 Ngokuba loku okubolayo ku melwe ukwambata ukungaboli, na loku okufayo ku melwe ukwambata ukungafi. 54 Kepa ko ti nxa loku okubolayo se kwambete ukungaboli, na loku okufayo se kwambete ukungafi, be se kwenzeke izwi elilotshiweyo lokuti, Ukufa se ku minzwe ukunqoba. 55 Au kufa, kupi ukunqoba kwako na? Au kufa, lupi udosi lwako na? 56 Udosi lokufa ngukwona; amandhla okwona ngumteto: 57 kepa ka bongwe uNkulunkulu o si nika ukunqoba ngeNkosi yetu uJesu Kristu. 58 Ngakoke, bazalwane bami abatandekayo, gxilani, ni nga xegi, ni vame njalo emsebenzini weNkosi, n'azi ukuti ukukandhleka kwenu a ku silo yize nje eNkosini.

16 Mayelana nokubutela abangcwele umnikelo, njengaloku nga yala amabandhla a seGalatyia, yenzani kanjalo nani. 2 Ngosuku lokuqala lwesonto a ku be ilowo wenu a zibekele e qongelela njengokuhlanhlazeliswa kwake, ukuze ku nga biko kubuta mnikelo nxa ngi fikayo. 3 Ekufikeni kwami, labo eni ya kubaketa, ngi za kubatuma nezincwadi ukuyisa izipo zenu eJerusalem: 4 uma ku fanele ukuba ngi hambe nami, ba yo hamba kanye nami. 5 Kepa ngi ya kuza kini, nxa se ngi dabulile eMakedoniya; ngokuba ngi dabula eMakedoniya; 6 kepa kinina mhlaumbe ngi nga hle ngi hlale, kumbe ngi dhlulise ubusika, kona ni ya kungipelekezela lapo ngi suka ngi ya kona. 7 Ngokuba a ngi tandi ukunibona manje ngi dhlula nje; ngoba ngi netemba lokuti ngi za kuti ukuhlala nani isikati esitile, uma ku vuma iNkosi. 8 Kepa ngi ya kuhlala eEfesu ku ze ku fike iPentekoste; 9 ngokuba ngi vulelwe umnyango omkulu o nomsebenzi; baningi aba yimpi.

10 Kepa uma ku fika uTimote, ni bo bheka ukuba a be nani e ng'esabi; ngokuba u sebenza umsebenzi weNkosi njengami nje: 11 ngako a ku nga biko omdelelayo. Kodwa ni m pelekezele kahle, ukuze eze kimi; ngokuba ngi m bhekile kanye nabazalwane. 12 Mayelana noApolo umzalwane, nga m ncenga kakulu ukuba eze kini kanye nabazalwane: kepa kwa ku nge siyo intando yake ukuba eze manje; kodwa u ya kuza nxa e netuba.

13 Lindani, ni me ni qinile ekukolweni, ni dode, ni be namandhla. 14 Konke enikwenzayo a kwenziwe ngotando.

15 Ngi ya ni ncenga, bazalwane (ni y'azi indhlu ka Stefana, ukuti i ulibo lwa seAkaya, nokuti ba zimise ukuba ba konze abangcwele), 16 ukuba ni tobele abanjalo, nabo bonke aba sebenzisana nabo nabakandhlekayo. 17 Ngi ya tokoza ngokufika ku ka Stefana noFortuna noAkayiko: ngokuba ba ku feza loko e be ni silele ngako. 18 Ngoba ba hlumelela umoya wami nowenu: ngakoke yazisani abanjalo.

19 Amabandhla a seAsiya a ya konza kini. OAkwila noPriska ba konza kakulu kini eNkosini, kanye nebandhla eli sendhlini yabo. 20 Abazalwane bonke ba konza kini. Bingelelanani ngokwangana okungcwele.

21 Naku ukukonza kwami mina Paule ngesami isandhla. 22 Uma umuntu e nga yi tandi iNkosi, a ka be olokotelweyo. Nkosi, yiza. 23 Umusa weNkosi uJesu Kristu a u be nani. 24 Utando lwami a lu be nani nonke ku Kristu Jesu. Amen.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

INCWADI YESIBILI KA PAULE KWABA

SEKORINTE

Ukubingelela nokubonga. A ka guquguquki ekuhloseni kwake.

1 UPaule umpostoli ka Kristu Jesu ngentando ka Nkulunkulu, no-Timote umzalwane wetu, kulo iba-ndhla li ka Nkulunkulu eli seKorinte, kanye nabo bonke abangcwele aba kulo lonke la seAkaya: **2** A ku be kinina umusa nokutula oku vela ku Nkulunkulu uBaba wetu na seNkosini uJesu Kristu.

3 Ma ka bongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yetu uJesu Kristu, uYise wobubele, uNkulunkulu wokududuza konke; **4** osiduduzayo ekukatazekeni konke kwetu, ukuze si be namandhla okudududuza aba sekukatazekeni na kupi, ngokudududuzeka esi duduzwa ngako nati nguNkulunkulu. **5** Ngoba njengaloku izinhlupeko zi ka Kristu zi vamile kitina, ngokunjalo ukudududuzeka kwetu ku vamile ngo-Kristu. **6** Kepa noma si katazeka, ku ukuba ni duduzeke ni sindiswe nina; noma si duduzeka, ku ngokwokudududuzeka kwenu, oku sebenza ngokukutazela ku lezo zinhlupeko esi hlupeka ngazo nati: **7** itemba letu ngani li qinile; s'azi ukuti njengaloku ni ngabahlanganyeli bezinhlupeko, ni njaloke na sekudududuzekeni. **8** Ngokuba a si tandi, bazalwane, ukuba ni ng'azi ngokukatazeka kwetu okwa s'ehlela eAsiya, ukuti sa nyinyiteka ngokudhluleleyo, ngapezu kwamandhla etu, ngangoba sa si nga se na temba lokuba si za kupila: **9** yebo, tina sa si nempendulo yokufa pakati kwetu, ukuze si nga z'etembi tina, s'etembe ku Nkulunkulu o vusa abafileyo: **10** owa si hlangulisa ekufeni okungaka, futi u ya kusihlangulisa: esi tembele kuye ukuti u sa ya kusopula njalo; **11** nani ni sizana nati ngokusinxusela; ukuze ku ti isipiwo esa si piwa ngabo abaningi, si bongwe abantu abaningi ngenxa yetu.

12 Ngokuba ukuzigabisa kwetu ku yiloku, ubufakazi bu ka nembeza wetu, ukuti inkambo yetu emhlabeni, ikakulu kinina, ya ba ngobungcwele na ngesiqondo esi vela ku Nkulunkulu ku nge ngokuhlakanipa kwenyama, kodwa ngawo umusa ka Nkulunkulu. **13** Ngoba a si lobi okunye kinina kupela enikufundayo nenikuvumayo, ngi y'etemba ukuti ni ya kukuvuma ku ze ku be sekupeleni: **14** njengaloku na si vuma ngenxenye ngokuti ukuzigabisa kwenu itina, njengoba nani ni ngokwetu, osukwini lweNkosi yetu uJesu.

15 Nga loku kwetemba be ngi hlosa ukuza kinina kuqala, ukuze ni be nokusizeka kwesibili; **16** ngi dhlule kini ngi ye eMakedoniya ngi buye ngi ze kini ngi vela eMakedoniya, ngi pelekezelwe yinina ngi ye eJudiya. **17** Po ngi sa hlose loku be ngenza amahlaya nje? Kumbe loku engikuhlosayo, ngi ku hlosa ngokwenyama yini, ku ze ku be kona kimina uyebo yebo, no-qa, qa? **18** Kepa ke uNkulunkulu e tembekile nje, izwi letu kinina a li siko ukuti yebo nokuti qa. **19** Ngoba iNdodana ka Nkulunkulu uJesu Kristu, owa shunyayelwa pakati kwenu itina, imina noSilvano no-Timote, wa e nge siko ukuti yebo nokuti qa, kepa ku yena ku kona uyebo. **20** Ngoba noma izitembiso zi ka Nkulunkulu zi nga ba zingaki, ku kona kuye uyebo: nga lokoke futi u ngaye uAmen, ku be udumo lu ka Nkulunkulu ngati. **21** Osiqinisayo kanye nani ku Kristu, nowasigcobayo, nguNkulunkulu; **22** owa si beka no-pau, wa si nika isibambiso si ka Moya ezinhliziyweni zetu.

23 Kepa ngi biza uNkulunkulu a be ufakazi empefumulweni wami, wokuti ng'enziwa ukunihaukela ukuba ngi ng'ezanga eKorinte. **24** Ku nge siko ukuti si z'enza amakosi pezu kwokukolwa kwenu, si izisebenzi ka-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nye nani zokutokoza kwenu: ngokuba
2 ngokwokukolwa ni mi. 1 Kepa
nga nquma loku ngokwami ukuti,
a ngi yi kubuya ngi ze kini ngi noku-
dabuka. 2 Ngokuba uma ngi ni
dabukisa, po ngubani ongijajisayo
mina, uma ku nge siye o datshu-
kiswa yimi? 3 Nga loba kona loku
funa ku ti ekufikeni kwami, ngi vele-
lwe ukudabuka ku labo engi fanele
ukutokoza ngabo; ngi netemba ngani
nonke, lokuti ukutokoza kwami ku
ngokwenu nonke. 4 Ngokuba ngoku-
katazeka okukulu na ngokuxineka
kwenhliziyo nga loba kini ngi nezinye-
mbezi eziningi; ngi ng'enzeli ukuba ni
dabukiswe, ng'enzela ukuba ni lwazi
utando engi nalo kakulu kini.

5 Kepa uma e kona odabukisileyo,
a ka ngi dabukisanga mina, kepa
ngenxenye (ukuze ngi nga cindezeli
kakulu) u dabukise nina nonke. 6
Ku m anele o njalo loku kujeziswa a
jeziswa ngako abaningi; 7 ngangoba
ngakanye nga se ni m tetelela ni m
duduze, funa o njalo a minzwe
ukudabuka okukulu. 8 Ngaloku ngi
ya ni ncenga ukuba ni qinise kuye
obala utando lwenu. 9 Ngoba
nga lobela konaloko, ukuze ngazi
ukuvivinywa kwenu, ukuba ni
ngabalalelayo yini ezintweni zonke.
10 Lowoke eni m tetelela uto, nami
ngi ya m tetelela: ngokuba loku engi-
kuteteleleyo, uma ngi tetelele uto, ngi
ku tetelele ngenxa yenu pambi ku ka
Kristu; 11 ukuze si nga gengwa
uSatane: ngokuba a si sibo abangaziyo
amaqinga ake.

12 Kwa ti ukufika kwami eTroas
ngenxa yevangeli li ka Kristu, na nxa
ngi vulelwe umnyango eNkosini, 13
a ngi banga na kupumula emoyeni wa-
mi, ngokuba ngi nga m fumananga
uTito umfo wetu: nga ba valelisa,
nga ya eMakedoniya.

14 Kepa ma ka bongwe uNkulu-
nkulu, o s'enza udwendwe olu hala-
lisela ukunqoba njalo si ku Kristu,
ozwakalisayo ngati ipunga lokwazi
kwake ezindaweni zonke. 15 Ngo-
kuba si ulwasi olumnandi lu ka Kristu
kuye uNkulunkulu kwabasindiswayo
na kwababubayo; 16 ku laba si ipunga
lokufa ku be ukufa; ku labo si ipunga
lokupila ku be ukupila. Ubani o
lingene lezi zinto na? 17 Ngokuba
tina a si njeng'abaningi ab'onakalisa
izwi li ka Nkulunkulu: kepa njengo-
kwesiqondo, njengoku ka Nkulunkulu
emehlweni ka Nkulunkulu, si kuluma
si ku Kristu.

3 Konje se si qala futi ukuzincoma
3 na? kumbe si ya dinga yini njenga-
banye izincwadi zokusincoma ezi za
kinina nezi vela kinina? 2 Nina ni
incwadi yetu, e lotshwe ezinhliziyweni
zetu, eyaziwa i fundwa abantu bonke:
3 ni bonakaliswa ukuti ni incwadi ka
Kristu, e setshenzwa itina, e nga lo-
tshiwe ngeinke, i lotshwe ngoMoya
ka Nkulunkulu opilayo; ku nge siko
ezibhebheni zamatshe, ku sezibhe-
bheni ezi izinhliziyo zenyama. 4
Itemba eli njalo si nalo ngoKristu
ku Nkulunkulu: 5 ku nge ngokuba si
lingene ngokwetu ukusho ngoto ukuti
lu vela kitina; ukukulingana kwetu
ku vela ku Nkulunkulu; 6 o s'enze
sa lingana nokuba si be izikonzi zesivu-
melwano esisha; si nge sizo ezegama,
si ezomoya: ngokuba igama li ya bu-
lala, kepa umoya wenza ukupila. 7
Kepa uma inkonzo yokufa elotshi-
weyo, i qoshiwe ematsheni, ya fika
i nobucwazicwazi, ngangoba aba kwa
Israeli ba be nge na kubuka ubuso
bu ka Moses ngenxa yobucwazicwazi
bobuso bake; ubucwazicwazi o be bu
za kupela: 8 po kakulu kangakanani
inkonzo yomoya a i yi kuba nobu-
cwazicwazi na? 9 Ngokuba uma
inkonzo yokulahlwa i nobucwazicwa-
zi, kakulu kangakanani inkonzo yo-
kulunga i ya dhlula ngobucwazicwazi.
10 Ngokuba bala loko okwenziwa
kwa ba nobucwazicwazi a kwenziwa-
nga ku be nobucwazicwazi mayelana
na loku, ngenxa yobucwazicwazi obu-
dhluleleyo. 11 Ngokuba uma loko
o be ku za kupela kwa ku nobucwa-
zicwazi, kakulu kangakanani loko
okuhleliyo ku nobucwazicwazi.

12 Ngakoke loku si netemba elinje,
si kuluma ngesibindi, 13 a si njengo-
Moses owa mboza ubuso bake nge-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ndwangu, ukuze aba kwa Israeli ba nga ti njo ukugcina kwa loko o be ku za kupela: 14 kodwa izingqondo zabo za tuntubezeka: ngokuba ku ze ku be na namhla loku, nxa ku fundwa isivumelwano esidala leyo ndwangu i sa hlezi; ku ng'ambulwa kubo ukuti i ya pela ku Kristu. 15 Kodwa ku ze ku be namhlanje nxa uMoses e fundwa, indwangu i hlezi pezu kwenhliziyo yabo. 16 Kepa nxa i pendukela eNkosini, indwangu i ya suswa. 17 INkosi ke i nguye uMoya: lapo e kona uMoya weNkosi, ku kona ukukululeka. 18 Kepa tina sonke, ngobuso obambulwe indwangu si buka njenga sesibukweni ubucwazicwazi beNkosi, si penduka kona loko kuma, si ya ngokuya ebucwazicwazini, njengoba ku ya ngeNkosi uMoya.

4 Ngalokoke loku si na le nkonzo, njengokuba si haukelwe, a si dangali: 2 si lahlile imfihlo e izinhloni, si nga hambi ngobukelengu, si nga qilizi ngezwi li ka Nkulunkulu; ngokubonakalisa iqiniso si ziqamisa konembeza babantu bonke emehlweni ka Nkulunkulu. 3 Kepa noma ivangeli letu li gutshuzelwe, li gutshuzelwe kubo ababubayo: 4 abona unkulunkulu wa lo mhlaba e pumputekisile kubo izingqondo zabangakolwayo, ukuba ba nga banekwa ukukanya kwevangeli lobukosi bu ka Kristu, o ngumfanekiso ka Nkulunkulu. 5 Ngokuba a si zishumayeli tina, si shumayela uKristu Jesu e yiNkosi, tinake si izikonzi zenu ngenxa ka Jesu. 6 Loku nguNkulunkulu owa ti, Ko kanya ukukanya ku vela ebumnyameni, owa kanya ezinhliziyweni zetu, ukuba ku kanye ukwaziwa kwobukosi bu ka Nkulunkulu ebusweni bu ka Jesu Kristu.

7 Kodwa si nayo le ngcebo ezitsheni zebumba, ukuze ubukulu obudhluleleyo bamandhla bu be obu ka Nkulunkulu, bu nga bi obu vela kitina; 8 si ya cindezelwa inxa zonke, kanti a si nyinyeki; si ya xakeka, kanti a si dadi; 9 si ya jokwa, kanti a si shiywa; si wiswa pansi, kanti a si bujiswa; 10 si ku twele njalonjalo emzimbeni ukufa ku ka Jesu ukuze nokupila ku ka Jesu ku bonakaliswe emzimbeni wetu. 11 Ngokuba tina esipilayo si zinge si yiswa ekufeni ngenxa ka Jesu, ukuze nokupila ku ka Jesu ku bonakaliswe enyameni yetu efayo. 12 Ku njaloke ukufa ku sebenza kitina, kininake ku sebenza ukupila. 13 Lokuke si nawo lo moya wokukolwa, njengokulotshiweyo ukuti, Nga kolwa, nga loko nga kuluma; nati si ya kolwa, ngakoke si ya kuluma; 14 s'azi ukuti yena owa vusa iNkosi uJesu u ya kusivusa nati kanye noJesu, a si veze kanye nani. 15 Ngokuba konke ku ya ngenxa yenu, ukuze umusa owandiswa ngabaningi u vamise ukubonga ku be udumo lu ka Nkulunkulu.

16 Nga loko a si dangali; kodwa noma ku buba umuntu wetu o ngapandhle, o ngapakati wenziwa musha imihla ngemihla. 17 Ngokuba ukukatazeka kwetu oku lulana, okwomzuzwana nje, ku si sebenzela ngokukulu ku ya ngokukulu idintsi lobukosi obumiyo njalo; 18 si nga bheki okubonwayo, si bheka okungabonwayo: ngokuba okubonwayo ku ngokwesikashana; kepa okungabonwayo ku mi njalo.

5 Ngoba si y'azi ukuti uma indhlu ya semhlabeni e idokodo letu i bidhlikile, si nesakiwo esi vela ku Nkulunkulu, indhlu e ng'enziwanga ngezandhla, emiyo njalo, e sezulwini. 2 Ngokuba ku leli si ya bubula, si langazela ukwambata s'elakanyise ikaya letu eli vela ezulwini: 3 uma ngabe se s'ambate si nga yi kufunyaniswa si hambaze. 4 Ngokuba pela tina esi kona ku leli dokodo si ya bubula, si sindwa; ku nge siko ukuti si tanda ukukumula, si tanda ukwelakanyiswa, ukuze okufayo ku minzwe ukupila. 5 O wa s'enzela kona loko nguNkulunkulu, owa si pa uMoya e isibambiso. 6 Ngakoke si mi isibindi njalo, s'azi ukuti nxa si se kiti eli semzimbeni, a siko kiti eli seNkosini 7 (ngokuba si hamba ngokukolwa, a si hambi ngokubona); 8 si mi isibi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ndike, s'enamela ngakanye ukungabiko kiti eli semzimbeni, si be kiti eli seNkosini. 9 Ngalokoke si copelele ukuba noma si kiti, noma si ngeko kiti, si koleke kuye. 10 Ngokuba tina sonke si melwe ukubonakaliswa pambi kwesihlalo sokwahlulela si ka Kristu; ukuze ilowo a zuze okwenziwa ngomzimba njengaloko akwenzileyo, noma ku kuhle noma ku kubi.

11 Ngakoke loku s'azi ukwesatshwa kweNkosi, si vumisa abantu, kepa si bonakalisiwe ku Nkulunkulu; ngi y'etemba ukuti si bonakalisiwe na konembeza benu. 12 A si buyi si zincome kinina, si ni nika ituba lokuzigabisa ngenxa yetu, ukuze ni be nokupendula kwabazigabisa ngoku sebusweni ku nge ngoku senhliziyweni. 13 Ngokuba noma si gcwaneka, ku ngenxa ka Nkulunkulu; noma si sangulukile, ku ngenxa yenu. 14 Ngokuba utando lu ka Kristu lu ya si cindezela; si bona loku ukuti e munye wa fela bonke, ngakoke bonke ba fa; 15 wa fela bonke, ukuze abapilayo ba nga be be sa zipilela, kodwa ba pilele lowo owa ti ngenxa yabo wa fa wa buya wa vuka. 16 Njaloke a si sa yi kwazi muntu ngokwenyama; noma sa ke sa m azi uKristu ngokwenyama, noko kaloku a si sa yi kumazi. 17 Njaloke uma umuntu e ku Kristu, u isidalwa esisha: okudala ku dhlulile; bheka kwenziwe kusha. 18 Kepa konke ku vela ku Nkulunkulu, owa s'enza si buyisane naye ngoKristu, wa si nika inkonzo yokubuyisana; 19 e ngeyokuti uNkulunkulu wa be ku Kristu enza umhlaba u buyisane naye, e nga ba baleli izipambuko zabo, e beka kitina izwi lokubuyisana.

20 Ngakoke si ngamanxusa a mela uKristu, ngokungati uNkulunkulu u ncenga ngati: si ya ni nxusa si mela uKristu, buyisanani noNkulunkulu. 21 O nga kwazanga ukwona, wa m enza ukwona ngenxa yetu; ukuze tina s'enziwe ukulunga ku ka Nkulunkulu kuye.

6 1 Si sebenza kanye naye ke, si ya ni ncenga ukuba ni nga w'amkelelize umusa ka Nkulunkulu 2 (ngoba u ti,

Ngesikati esingikolayo ngi ku lalele,

Ngosuku losindiso nga ku peleka;

bheka, kaloku se ku isikati esikolayo; bheka, kaloku se ku usuku losindiso): 3 si nga quzukisi muntu nga luto, ukuze ukukonza kwetu ku nga solwa; 4 kepa kuko konke si ziqamisa ngokuti si izikonzi zi ka Nkulunkulu, ekukutazeleni okukulu, na sekukatazekeni, na sekuxakekeni, na sekunyinyekeni, 5 na semivimbweni, na sematilongweni, na seziyaluyalwini, na sekukandhlekeni, na sekulindeni, na sekuzileni ukudhla; 6 na sebumhlopeni, na sekwazini, na sekubekezeleni, na sebuneneni, na ku Moya oNgcwele, na sotandweni olungazenzisiyo, 7 na sezwini leqiniso, na semandhleni ka Nkulunkulu; ngezikali zokulunga ngakwesokunene na ngakwesokohlo, 8 ngodumo na ngokutuniseka, ngokuhletshwa na ngokutuswa; kungati si ngabedusayo, kanti si ngabeqiniso; 9 kungati si ngabangaziwayo, kanti s'aziwa kahle; kungati si ngabafayo, kanti, naku, si pilile; kungati si ya laywa, kanti a si bulawa; 10 kungati si dabukile, kanti si tokoza njalo; kungati si mpofu, kanti si cebisa abaningi; kungati a si na luto, kanti si nako konke.

11 Umlomo wetu u vulekele nga kinina, ba seKorinte, inhliziyo yetu yanulekile. 12 A ni nyinyekile kitina, kepa ni nyinyekile esiheni senu. 13 Ukuba ku be umvuzo owenanayo (ngi kuluma njenga ku bantwana bami), a n'anuleke nani.

14 Ma ni nga bandakanywa nolunye uhlobo abangakolwayo: ku na kuhlanganyela kuni ukulunga nobubi? ku na budhlelwane buni ukukanya nobumnyama na? 15 U na kuzwana kuni uKristu noBeliyali? u na sabelo sini okolwayo nongakolwayo? 16 Li na kuvumelana kuni itempeli li ka Nkulunkulu nezitombe? ngokuba si litempeli li ka Nkulunkulu opilayo; njengokusho ku ka Nkulunkulu ukuti, Ngi ya kuhlala pakati kwabo, ngi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

hambe pakati kwabo; ngi ya kuba uNkulunkulu wabo, ba be abantu bami.
17 Ngakoke
Pumani pakati kwabo, ni z'ahlukanise,
i sho iNkosi,
Ni nga tinti into engcolileyo;
Ngi ya kunamkela,
18 Ngi be uYihlo kinina,
Ni be amadodana namadodakazi kimi,
i sho iNkosi uSomandhla.

7 Loku si na lezi zitembiso, batandwa, a si zihlambulule ekungcoleni konke kwenyama nokwomoya, si pelelisa ubungcwele ngokumesaba uNkulunkulu.

2 S'enzeleni indawo ezinhliziyweni zenu: a s'onanga muntu, a s'onakalisanga muntu, a si genganga muntu. 3 A ngi sho loku ngokunilahla: ngokuba se ngi ke nga sho ukuti ni sezinhliziyweni zetu ukuba si fe kanyekanye nokuba si pile kanyekanye. 4 Si kulu isibindi senshumayelo yami nga kinina, ku kulu ukuzigabisa kwami ngenxa yenu; ngi gcwele induduzeko, ngi ya cicima ngentokozo kuko konke ukukatazeka kwetu.

5 Ngokuba na sekufikeni kwetu eMakedoniya inyama yetu a i banga na kupumula, kepa sa katazeka inxa zonke; ngapandhle kwa ku kona ukulwa, ngapakati ukwesaba. 6 Noko yena o duduza abatobileyo, uNkulunkulu, wa si duduza tina ngokufika ku ka Tito; 7 ku nge ngokufika kwake kupela, ku ngokududuzeka a duduzeka ngako kinina, e sa si landisa ngokulangazela kwenu, na ngokulila kwenu, na ngokushiseka kwenu ngenxa yami; ngangoba kwengezwa ukutokoza kwami. 8 Ngoba noma nga ni dabukisa ngencwadi yami, a ngi zisoli: noma nga ngi zisola (ngokuba ngi ya bona ukuti leyo ncwadi ya ni dabukisa noma kwa ba isikashana nje), 9 manje ngi ya tokoza, ku nge ngokuba na dabukiswa, ku ngokuba na dabukiswa kwa ba ukupenduka; ngokuba na dabukiswa ngoku ka Nkulunkulu, ukuba ni nga lahlekelwa yiluto ngati. 10 Ngokuba ukudabuka ngoku ka Nkulunkulu kwenza ukupenduka ku be ukusindiswa, oku ngeko ukuzisola ngako: kepa ukudabuka oku ngokomhlaba kwenza ukufa. 11 Ngokuba bhekani, kona loku kokuti na dabukiswa ngoku ka Nkulunkulu, kw'enza kinina ukunakekela okungakanana, yebo nokuzihlanguza, yebo nokucasuka, yebo nokwesaba, yebo nokulangazela,yebo nokushiseka, yebo nokupindisa! Kuko konke na ziqamisa ukuti ni mhlope nga leyo ndaba. 12 Ngakoke noma nga ni lobela, a ngi lobanga ngenxa yowonileyo, na ngenxa yowoniwayo, kodwa ukuba ukusinakekela kwenu ku bonakaliswe kini emehlweni ka Nkulunkulu. 13 Nga loko si duduzekile: kepa ekududuzekeni kwetu sa tokoza impela ikakulu ngokutokoza ku ka Tito, ngokuba umoya wake u hlunyelelwe yinina nonke. 14 Ngokuba uma nga ke nga zigabisa ngento ku yena ngani, a ngi jabanga; kepa njengokuba sa kuluma konke kinina ngeqiniso, ku njalo nokugabisa kwetu pambi ku ka Tito kwa ba iqiniso. 15 Futi isihe sake si vamile kakulu nga kinina, lapo e kumbula ukulalela kwenu nonke, nokuba na m amkela ngokwesaba nokututumela. 16 Ngi ya tokoza ngokuba kuko konke ngi mi isibindi ngani.

8 Futike, bazalwane, si ya n'azisa umusa ka Nkulunkulu o piwe amabandhla a seMakedoniya; 2 ukuti ekuvivinyweni okukulu kokukatazeka ukucicima kwokutokoza kwawo nobumpofu bawo obushonisayo ba vama ku be ukuceba kwokupana kwawo. 3 Ngokuba ngokwamandhla awo, ngi ya fakaza, yebo na ngapezu kwamandhla awo, a nikela ngokwawo, 4 e si nxusa ngokuncenga okukulu mayelana na lo musa nobudhlelwane bokukonza abangcwele: 5 futi a kwa ba njengokwetemba kwetu, kepa kuqala ba zinika izingqobo zabo eNkosini, na kitina ngentando ka Nkulunkulu. 6 Sa za sa m laya uTito, ukuba njengaloku wa be qalile pa-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

mbili, njaloke a ka feze pakati kwenu lo musa futi. 7 Kepa njengaloku ni vame konke, ukukolwa, namazwi, nokwazi, nokukutala konke, nokusitanda kwenu, ma ni vame lo musa futi. 8 A ngi sho loku ngokuniyala, ngi ku sho ngi vivinya ngokukutala kwabanye ubuqoto bolwenu utando nalo. 9 Ngokuba ni ya w'azi umusa weNkosi yetu uJesu Kristu, ukuti noma wa e cebile, noko wa ba mpofu ngenxa yenu, ukuze ku ti nina ngobumpofu bake ni cebe. 10 Ku lokuke ngi nika ukubona kwami nje: ngokuba loku ku ni lungele, nina enandulele kwabaqalayo nyakenye, ni ng'andulelanga ekwenzeni kupela, nandulele na ngokukutanda. 11 Manjeke fezani nokwenza; ku ze ku ti njengaloko kwa ku kona ukuzondelela kwokutanda, ku be kona nokufeza ngeni nako. 12 Ngokuba uma ku kona ukuzondelela, ku y'amkeleka njenga loko umuntu a nako, ku nge njeng'a nge nako. 13 Ngoba a ngi sho loku ukuze abanye ba be nokupumula ni katazeke nina; 14 kepa a ku be ngokulingeneyo: ku lesi sikati ukucicima kwenu ku mele ukuswela kwabo, ukuze ku ti nokucicima kwabo ku mele ukuswela kwenu; ku ze ku be kona ukulingana: 15 njengokulotshiweyo ukuti, Ku yena owa buta okuningi ka ku salanga; nowa buta okuncinyane ka ntulanga.

16 Kepa ka bongwe uNkulunkulu o faka enhliziyweni ka Tito loku kunikutalela. 17 Ngokuba wa kwamkela kambe ukulaya kwetu: kepa loku naye e kutele kakulu, wa puma wa ya kinina ngokwake. 18 Si tumile kanye naye umzalwane okubatshazwa kwake ngevangeli ku semabandhleni onke; 19 ku nge siko loko kupela, kepa wa miswa amabandhla futi ukuba a hambisane nati ngendaba ya lo musa, esi konza ngawo ku dunyiswe iNkosi, ku bonakaliswe ukuzondelela kwetu: 20 si ku xwaya loku ukuba si nga solwa muntu nga le ntsada esi konza ngayo: 21 ngokuba si naka okuhle, ku nge semehlweni eNkosi yodwa, kepa na semehlweni abantu. 22 Si tumile kanye nabo umzalwene wetu, esi m fumene futifuti e kutele ngezinto eziningi, kepa kaloku u kutele kakulu ngenxa yokunetemba kwake okukulu. 23 Uma ku buzwa ngoTito, u ngumhlanganyeli nesisebenzi kanye nami kinina; noma ku buzwa ngabazalwane betu, ba izitunywa zamabandhla, ba ngudumo lu ka Kristu. 24 Ngakoke ma ni bonakalise ku bona pambi kwamabandhla isibonakaliso sotando lwenu nokuzigabisa kwetu ngani.

9 Ngobapela ngokukonza abangcwele, a ku sweleki ukuba ngi ni lobele: 2 ngokuba ngi ya kwazi ukuzondelela kwenu, engi zigabisa ngako ngani kwaba seMakedoniya, ukuti aba seAkaya ba be lungisele kona nyakenye; ukushiseka kwenu kwa vusa abaningi ku bona. 3 Kepa ngi tumile abazalwane, ukuze ukuzigabisa kwetu ngani ku ng'enziwa ize mayelana na loku: ukuze ku ti, njengokusho kwami, ni be se ni lungisele: 4 funa uma ingabe ku fika nami aba seMakedoniya ba ni fumane ni nga lungisele, si jabe tina (si nga sho, nina) nga leli temba. 5 Ngalokoke be ngi ti ku dingeka ukuba ngi ncenge abazalwane, ukuba b'andulele ukuya kinina, ba ye kulungisa ngapambili isibusiso senu esa tenjiswa ngapambili, ukuba ku lunge sona, ku be ngokwesibusiso, ku nga bi ngokwokugqojwa.

6 Kepa ngi sho loku ukuti, O hlwanyela ngokwonga u ya kuvuna ngokwonga; o hlwanyela kakulu u ya kuvuna kakulu. 7 A ku be ilowo enze njeng'a ku nqume enhliziyweni yake: ku nga bi kalusilili, na ngokucindezelwa: ngokuba uNkulunkulu u ya m tanda opayo ngokwesasa. 8 UNkulunkulu u namandhlake okuvamisa umusa wonke kinina; ukuze ku ti ni nokwanela konke ezintweni zonke ngezikati zonke, ni vame imisebenzi yonke elungileyo: 9 njengokulotshiweyo ukuti,

O hlapazile, wa pa izimpabanga;
Ukulunga kwake ku hlala ku ze ku be nini.

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UPaule u ya zipendulela. Isikwele sake ngabo.

10 Yena o nika ohlwanyelayo imbeu nesinkwa sokudhliwa, u ya kunika a y'andise inhlwanyelo yenu, a kulise izitelo zokulunga kwenu: 11 ni be ni cebisiwe ngezinto zonke ku be ukupana konke, okwenzayo ngati ukubongwa ku ka Nkulunkulu. 12 Ngokuba inkonzo ya lo msebenzi a i gcwalisi kupela isikope sokuswela kwabangcwele, kepa i ya cicima ngokubongwa okuningi ku ka Nkulunkulu; 13 loku ngokuvivinyeka kwenu nga le nkonzo ba dumisa uNkulunkulu ngokulalela kwokuvuma kwenu evangelini li ka Kristu, na ngokupana kwokunikela kwenu ngenxa yabo na ngenxa yabo bonke; 14 ku be nabo ngokuninxusela kwabo, be ni langazelela ngawo umusa odhluleleyo ka Nkulunkulu o kinina. 15 Ma ka bongwe uNkulunkulu ngesipo sake oku nge na ku baliswa ngaso.

10 Minake Paule uqobo lwami ngi ya ni ncenga ngobunene na ngokuva ku ka Kristu, mina engi ti nxa ngi pambi kwenu ngi be otobileyo pakati kwenu, kepa nxa ngi ngeko ngi be nokuqalaba nga kini: 2 yeboke, ngi ya ni nxusa, ukuba nxa ngi kona ngi nga bi na kuqalaba ngokwetemba engi cabanga ngi ti ngi ya kuba nesibindi ngako nga kwabanye, aba cabanga ngati kungati si hamba ngokwenyama. 3 Ngokuba noma si hamba si senyameni, a si lwi ngokwenyama 4 (ngokuba izikali zokulwa kwetu a sizo ezenyama, zi namandhla pambi ku ka Nkulunkulu okubidhliza izinqaba); 5 si bidhliza imicabango, nento yonke epakemeyo ezikukumezayo ukutiyana nokwaziwa ngoNkulunkulu, si tumbela ukuzindhla konke ukumlalela uKristu; 6 si lungele ukupindisa kuko ukungalaleli konke, nxa se ku te kwa gcwala ukulalela kwenu. 7 Ni buka oku pambi kwobuso benu nje. Uma umuntu e z'etemba yena ukuti u ng'oka Kristu, a ka buye a cabange loku ngokwake, ukuti njengokuba yena e ng'oka Kristu, si njaloke nati. 8 Ngokuba noma ngi nga ze ngi zigabise kakulu ngamandhla etu (esi wa nikwe iNkosi ukun'aka, ku nge siko ukunibidhliza), a ngi yi kujabiswa: 9 ukuze ngi nga bi njengokungati ngi nga ngi n'esabisa ngezincwadi zami nje. 10 Ngokuba ba ti, Izincwadi zake zi nzima zi namandhla; kepa ubukona besidumbu sake bu butakataka, nenkulumo yake i delelekile. 11 O njalo ma ka cabange loku kokuti, njengokuba si njalo ngokukuluma ngezincwadi nxa si ngeko, so ba njalo na ngokwenza nxa si kona. 12 Ngoba a si na sibindi sokuzibala nokuzifanisa nabatile babo abazincomayo: kepa bona be zilinganisa nezingqobo zabo, be zifanisa nezingqobo zabo, a ba na mqondo. 13 Kepa tina a si yi kuzigabisa ngapezu kwesilinganiso, so zigabisa ngokwesilinganiso somudwa es'abelwa wona uNkulunkulu u be isilinganiso, okokuba si finyelele na kinina. 14 Ngoba a si z'eluli ngokweqileyo, njengokungati a si finyeleli kinina: ngokuba si fikile kwa ze kwa ba na kinina ngevangeli li ka Kristu: 15 si nga zigabisi ngapezu kwesilinganiso, ngi sho ezitukutukwini zabanye abantu; kepa si netemba lokuti ngokwanda kwokukolwa kwenu, si ya kukuliswa kinina ngokwomudwa wetu ku be ukuvama futi, 16 si ze si shumayele ivangeli na sezindaweni ezi ngapambili kwenu, si nga zigabisi emudweni womunye ngezinto e se zi lungisiwe. 17 Kepa ozigabisayo, ka zigabise eNkosini. 18 Ngokuba a ku siye ozincomayo ovunyiweyo, kepa uye o nconywa iNkosi.

11 Sengati ni nga ngi bekezelela ebuwulaneni: kodwa nempela ni ya ngi bekezelela. 2 Ngokuba ngi nesikwele ngani ngesikwele si ka Nkulunkulu: ngoba ngi n'endisele endoden'inye, ukuze ngi ni yise ku Kristu ni intombi emhlope. 3 Kepa ngi y'esaba, funa ku ti mhlaumbe, njengaloku inyoka ya kohlisa uEva ngobukelengu bayo, izingqondo zenu z'onakale zi yeke isiqondo nobumhlope obu nga ku Kristu. 4 Ngokuba uma lowo ofikayo e shumayela omunye uJesu, esi nga m shumayelanga,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

noma n'amkeliswa omunye umoya, eni nga w'amkeliswanga, noma elinye ivangeli, eni nga l'amkelanga, ni nga ba nenza kahle ukumbekezelela. 5 Ngoba ngi cabanga ngi ti mina a ngi silele nga luto ku bapostoli aba izingqoza. 6 Kepa noma ngi ibimbi nje ngokukuluma, noko a ngi silo ngokwazi; qa, na ngezindhlela zonke si bonakalisile loku kinina ezintweni zonke. 7 Kumbe ng'enze isono yini ngokuzitoba mina ukuba ni pakanyiswe nina, loku ngi ni shumayeze ivangeli li ka Nkulunkulu ngesih'e na? 8 Nga panga amanye amabandhla, ngi tata inkokelo kuwo ukuba ngi konze nina; 9 na lapo ngi kona kinina ngi swele, a ngi banga mtwalo ku muntu; ngokuba abazalwane, ekufikeni kwabo be vela eMakedoniya, ba gcwalisa isikope sokuswela kwami; ezintweni zonke nga zilonda ukuba ngi nga bi nzima kini, ngo zilonda njalo. 10 Iqiniso li ka Kristu li kimi, loku kuzigabisa a ku yi kuvinjwa muntu kimi emazweni a seAkaya. 11 Ngani na? ngokuba ngi nga ni tandi na? UNkulunkulu u y'azi. 12 Kepa loku engikwenzayo ngi sa ya kukwenza, ukuze ngi nqume ituba kwaba funa ituba; ukuba nga loko aba zigabisa ngako, ba funyanwe be njengati. 13 Ngoba abanjalo ba ngabapostoli bamanga, izisebenzi eziqilizayo, be ziguqula abapostoli ba ka Kristu. 14 Kepa a ku mangaleki; ngokuba noSatane uqobo u ziguqula ingelosi yokukanya. 15 Ngakoke a siyo into enkulu uma nezikonzi zake zi ziguqula izikonzi zokulunga; ezikupela kwazo ko ba ngokwemisebenzi yazo.

16 Ngi ti futi, Ma ku nga sho muntu ukuti ngi isipukupuku; kepa noma ku nga njalo, noko ng'amkeleni ngi njengesipukupuku nje, ukuze nami ngi zigabise kancane. 17 Loko engikukulumayo, a ngi ku kulumi ngokweNkosi, ngi ku kuluma kungati ngobuwula, ngi na leli temba lokuzigabisa. 18 Loku abaningi be zigabisa ngokwenyama, ngi za kuzigabisa nami. 19 Ngoba ni ya zi bekezelela ngenjabulo izipukupuku, ni hlakanipile nje nina. 20 Ngoba ni ya m bekezelela umuntu, uma e n'enza izigqili, uma e ni dhla, uma e ni bamba, uma e zikukumeza, uma e ni shaya ebusweni. 21 Ngi kuluma ngokuzitunisa, njengokungati kade si butakataka. Kepa ku loko a nesibindi ngako umuntu (ngi kuluma ngi nobuwula), nami ngi nesibindi. 22 Ba ngamaHeberu na? nami. Ba ngabaIsraeli na? nami. Ba inzalo ka Abraham na? nami. 23 Ba izikonzi zi ka Kristu na? (Ngi kulumisa okwohlanyayo) mina ngi yisona ngoku ngapezulu; ngi sekukandhlekeni kakulu kunabo, ngi sematilongweni kakulu kunabo, ngi nemivimbo ngokudhluleleyo, ngi sekufeni futifuti. 24 Ku baJuda nga tola kahlanu imivimbo emashumi amane ku yekwa munye. 25 Nga shaywa katatu ngezinduku, nga kandwa kanye ngamatshe, ng'apukelwa umkumbi katatu, ubusuku nemini nga ba semanzini olwandhle; 26 ngi sekuhambeni futifuti, ngi sezingozini zemifula, na sezingozini zezigcwelegcwele, na sezingozini zaba kiti, na sezingozini zabezizwe, na sezingozini emzini, na sezingozini ehlane, na sezingozini elwandhle, na sezingozini pakati kwabazalwane bamanga; 27 ekukandhlekeni na sekunyikanyikeni, ekulindeni futifuti, ekulambeni na sekwomeni, ekuzileni ukudhla futifuti, emakazeni na sekuhambenize. 28 Ngapezu kwa lezo zinto ezi ngapandhle, ku kona loko okungifikelayo imihla ngemihla, ukupisekela amabandhla onke. 29 Ubani o butakataka, ngi nge butakataka nami na? Ubani okubekiswayo, ngi nga vuti ngako mina na? 30 Uma ku melwe ukuba ngi zigabise, ngi ya kugabisa nga loko oku ngokobutakataka bami. 31 UNkulunkulu uYise weNkosi uJesu, obongekayo ku ze ku be nini u y'azi ukuti a ngi qambi manga. 32 EDamaseku induna ka Areta inkosi ya linda ngamabuto umuzi wamaDamaseku ukuba i ngi bambe: 33 kepa ngentuba yesibuko ng'ehli-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Imibono yake nezambulo zake.

swa ngesilulu odongeni, nga pepa ezandhleni zake.

12 Ku sweleke ukuba ngi zigabise noma pela ku nga fanele; kepa ngi za kuza kuyo imibono nezambulo zeNkosi. **2** Ngi ya m azi umuntu e ku Kristu, se ku iminyaka e ishumi nane (noma wa e semzimbeni, a ng'azi; noma wa e ngapandhle kwomzimba, a ng'azi; nguNkulunkulu owaziyo), o njalo e hlwitwa e yiswa na kwelesitatu izulu. **3** Yebo ngi ya m azi umuntu o njalo (noma wa e semzimbeni, noma wa e ngeko emzimbeni, a ng'azi; nguNkulunkulu owaziyo), **4** ukuti wa hlwitwa wa yiswa eParadisi, w'ezwa amazwi a nge na kukulunywa, oku nga vumekile ukuba a patwe umuntu. **5** Ng'onjalo ngi ya kuzigabisa: kepa ngami mina a ngi yi kuzigabisa, kupela ngobutakataka bami. **6** Ngoba inxa be ngi nga ze ngi tande ukuzigabisa, a ngi yi kuba isipukupuku; ngoba ngi ya kukuluma iqiniso: kepa ngi ya yeka, funa umuntu a cabange ngami oku ngapezu kwa loko a ngi bona ngi yiko, nakuzwayo kimi. **7** Ngobukulu obudhluleleyo bezambulo, ukuze ngi nga kukunyezwa kakulu, nga nikwa iva enyameni, isigijimi si ka Satane ukuba si ngi muhluze, ukuze ngi nga kukunyezwa kakulu. **8** Nga leyo nto nga nxuza iNkosi katatu, ukuba i suke kimi. **9** I te kimi Umusa wami u kwanele: ngokuba amandhla ami a peleliswa ngobutakataka. Ngakoke ngokujabula ngi ya kuzigabisa ngakanye ngobutakataka bami, ukuze amandhla ka Kristu a hlale pezu kwami. **10** Ngaloko ngi y'enama ebutakatakeni, na sekupatweni kabi, na sekusweleni, na sekuzingelweni, nasekunyinyekeni, ngenxa ka Kristu: ngokuba nxa ngi butakataka, yikona ngi namandhla.

11 Se ngi isipukupuku: ngi sindezelwe yinina; ngoba be ku fanele ukuba ngi nconywe yinina: a ngi silelanga nga luto ku bapostoli aba izingqoza, noma ngi nge nto ya luto. **12** Bala izibonakaliso zobupostoli z'enziwa pakati kwenu ngokukutazela

Izibonakaliso zake zobupostoli.

konke, ngezibonakaliso na ngezimangaliso na ngemisebenzi yamandhla. **13** Na ncishwa ntoni kunamanye amabandhla, uma ku nge siko okokuba a ngi banga mtwalo kinina na? ngi teteleleni leli cala.

14 Bhekani, se ku ngokwesitatu ngi lungele ukuza kinina; a ngi yi kuba umtwalo kini: ngokuba a ngi funi okwenu, ngi funa nina: ngoba a ba fanele abantwana ukubekelelela abazali, abazali ba fanele ukubekelelela abantwana. **15** Ngi ya kukoka ngokujabula yebo ngi koke ngami wonke ngenxa yemipefumulo yenu. Uma ngi ni tanda kakulu, kanti yikona ngi tandwa kancinyane na? **16** Kepa a ku be njalo, a ngi ni sindanga; kodwa loku ngi ikelengu, nga ni bamba ngobuqili. **17** Nga ni genga yini noma yinga mupi wa labo enga ba tuma kini na? **18** Nga laya uTito, nga tuma kanye naye umzalwane. UTito wa ke wa ni genga na? a si hambanga nga moya munye na? na nga mkondo munye na?

19 Ni ti kade si zipendulela kinina. Emehlweni ka Nkulunkulu si ya kuluma si ku Kristu. Kepa konke, batandwa, kwenzelwa ukwakiwa kwenu. **20** Ngoba ngi y'esaba funa mhlaumbe ekufikeni kwami, ngi ni fumane ni nge njeng'engikutandayo, nami ngi funyanwe inina ngi njeng'eningakutandiyo; funa mhlaumbe ku be kona inkani, nesikwele, nokufuteka, nemibango, nokunyevuza, nezicagogwana, nokukukumala, neziyaluyalu; **21** funa ku ti ekufikeni kwami uNkulunkulu wami a ngi tobise futi pambi kwenu, ngi lilele abaningi ku labo a kade b'ona, be nga pendukanga kuko ukungcola nobufebe nokunqwenela abakwenzileyo.

13 Loku okobutatu ukuza kwami kinina. Ngomlomo wa ofakazi ababili nokuba abatatu amazwi onke a ya kuqiniswa. **2** Be se ngi shilo pambili, na kaloku ngi sho pambili, njengaloku nga sho ngi kona ngokwesibili, na manje ngi ngeko nje, ku labo a kade b'ona na kubo bonke abanye ukuti nxa ngi fika futi a ngi yi ku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi a laya ngawo. Awokuvalelisa nesibusiso.

hauka; 3 loku ni funa isiboniso si ka Kristu o kuluma ngami; o nge butakataka kinina, o namandhla pakati kwenu: 4 ngokuba wa betelwa ngenxa yobutakataka, kanti u ya pila ngenxa yamandhla ka Nkulunkulu. Ngoba nati si butakataka kuye, kanti si ya kupila kanye naye ngamandhla ka Nkulunkulu kinina. 5 Zihloleni nina ukuba ni sekukolweni yini; ni zivivinye nina. Kumbe a n'azi yini maqondana nani ukuti uJesu Kristu u kinina? uma ni nge siyo imvibili. 6 Kepa ngi y'etemba ukuba ni yo kwazi ukuti tina a si siyo imvibili. 7 Si tandazake ku Nkulunkulu ukuba ni ng'enzi okubi; ku nge siko ukuba si bonakale si vunyiwe, ku ukuba n'enze okuhle nina, noma si be njengokungati si imvibili tina. 8 Ngoba a si namandhla okumelana nga luto neqiniso, si nawo okumela iqiniso. 9 Ngoba si ya tokoza nxa si butakataka tina, ni namandhla nina: futi si tandazela kona loku ukupeleliswa kwenu. 10 Ngaloku ngi loba lezi zinto ngi ngeko, ukuze nxa ngi kona ngi ng'enzi kalukuni ngokwamandhla iNkosi e ngi nike wona okwaka, ku nge siwo awokubidhliza.

11 Elokugcina, bazalwane, salani kahle. Peleliswani; vuselelekani; ni be nokuqonda kunye; ni hlale ngokutula: uNkulunkulu wotando nokutula wo ba nani. 12 Bingelelanani ngokwanga okungcwele.

13 Abangcwele bonke ba ya konza kinina.

14 Umusa weNkosi uJesu Kristu, notando lu ka Nkulunkulu, nobudhlelwane bu ka Moya oNgcwele, a ku be nani nonke.

INCWADI KA PAULE KWABA

SEGALATIYA

U ya bingelela. U mangala ngokuhlamuka kwabo.

1 UPaule, umpostoli (ngoku nga veli ku bantu, ku nge nga muntu, ku ngaye uJesu Kristu, noNkulunkulu uYise, owa m vusa kwabafileyo), 2 nabazalwane bonke aba nami, kuwo amabandhla a seGalatiya: 3 A ku be kinina umusa nokutula oku vela ku Nkulunkulu uYise, na seNkosini yetu uJesu Kristu, 4 owa zinikela ngenxa yezono zetu, ukuze a s'opule ku leli zwe elibi la manje, ngokwentando ka Nkulunkulu uBaba wetu: 5 a ku be kuye udumo ku ze ku be nini na nini. Amen.

6 Ngi mangala ngokuba ni shesha kangaka ukuhlamuka yena owa ni bizela emuseni ka Kristu ni ye evangelini limbe; 7 eli nge silo elinye: kupela ukuba ba kona abanitatazelisayo, be tanda ukuguqula ivangeli li ka Kristu. 8 Kodwa noma si nga ti tina, noma ingelosi e vela ezulwini, si ni shumayeze ivangeli eli pambene na lelo esa ni shumayeza lona, ma ka be ngolokotelweyo lowo. 9 Njengaloku si ke sa sho ngapambili, ngi sa pinda ngi sho kona na manje, Uma umuntu e ni shumayeza ivangeli eli pambene na lelo enalamkelayo, ma ka be ngolokotelweyo. 10 Ngoba manje ngi ya zincengela ku bantu, noma ku Nkulunkulu na? kuko ngi funa ukuzikolekisa ku bantu yini? uma be ngi sa zikolekisa ku bantu, ngi nga ba a ngi siyo inceku ka Kristu.

11 Ngoba ngi ya n'azisa, bazalwane, ngevangeli ela shunyayelwa yimina, ukuti a silo eli ngokwabantu. 12 Ngoba futi a ngi l'amkeliswanga umuntu, a ngi li fundiswanga, kepa ngi li tole ngokwambulelwa uJesu Kristu.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ivangeli lake li vela ku Nkulunkulu la vunywa abapostoli.

13 Ngoba ni zwile ngenkambo yami yakuqala ebuJudeni, ukuti ngokudhluleleyo nga zingela ibandhla li ka Nkulunkulu, nga li dhlavuza: 14 nga qubeka ebuJudeni ngapezu kwabaningi aba intanga yami kwaba kiti, ngi shisekele kakulu kunabo amasikoti a okoko. 15 Kepake mhla kwa ba kuhle ku Nkulunkulu, owa ng'ahlukanisela kwa sesiswini si ka mame, wa ngi biza ngomusa wake, 16 ukuba a hlalukise iNdodana yake pakati kwami, ukuze ngi yi shumayele pakati kwabezizwe; kona lapo a nga ze nga buzana nenyama negazi: 17 futi a ng'enyukelanga eJerusalem ku bona aba be ngabapostoli nga pambi kwami: kodwa nga muka nga ya eArabiya; nga pinda nga buyela eDamaseku.

18 Kwa ti emva kweminyaka emitatu ng'enyukela eJerusalem ngi hambela uKefasi, nga hlala naye izinsuku ezi ishumi nesihlanu. 19 Kodwa a ngi bonanga omunye wabapostoli, uJakobe umnawe weNkosi kupela. 20 Kepake loko engi ni lobela kona, bhekani, pambi ku ka Nkulunkulu, a ngi qambi manga. 21 Nga se ngi ya emazweni a seSiriya na seKilikiya. 22 Nga ngi se ng'ongaziwayo ngobuso emabandhleni a seJudiya a e ku Kristu: 23 a be e se zwile nje ukuti, Lowo o kade e si zingela u se shumayela inkolo a kade e yi dhlavuza; 24 ba dumisa uNkulunkulu ngami.

2 Kwa ti emva kweminyaka e ishumi nane nga buya ng'enyukela eJerusalem kanye noBarnaba, ngi ya noTito futi. 2 Ng'enyukelake ngokwambulelwa; ng'eneka pambi kwabo ivangeli engi li shumayela pakati kwabezizwe ngenza kwabaziswayo be bodwa, funa ingabe ngi gijimela ize, nokuba mhlaumbe se ngi gijimele ize. 3 Kodwa noTito, owa e nami e ngumGreki, a ka sindezelwanga ukuba a sokwe: 4 kwa ku njeya ngenxa yabazalwane bamanga aba ngeniswa ngokunyelela, aba ngena ngokunyenya ukuba ba hlole ukukululeka kwetu esi nako ku Kristu Jesu, ba s'enze izigqili: 5 esi nga ba hlehlelanga na sikashana ngokubatobela, ukuze iqiniso levangeli li hlale njalo kinina. 6 Kepake abaziswayo ngokuti ba uto (noma ba ke ba ba yini, a ku luto kimina: uNkulunkulu ka keti ubuso bomuntu)—ngi ti abaziswayo a ba ng'enezelanga luto: 7 kepa ngakumbe, lapo be bona ukuti ngi patiswe ivangeli kwabangasokiyo, njengoPetro kwabasokayo 8 (ngokuba yena owa sebenzela uPetro a be umpostoli wabasokayo wa ngi sebenzela nami ngi be umpostoli wabezizwe); 9 ba ti ukubona umusa engiwupiweyo, oJakobe noKefasi noJohane, aba b'aziswa ukuba ba izinsika, ba nika mina noBarnaba isandhla sokunene sobudhlelwane, ukuba si ye kwabezizwe, bona ba ye kwabasokayo; 10 kupela ba ti a si kumbule abampofu; eyona'nto e be ngi kutalele ukuyenza.

11 Kepa ekufikeni ku ka Kefasi eAntiyoke nga melana naye ubuso nobuso, ngokuba wa e necala. 12 Ngokuba be nga ka fiki abatile be vela ku Jakobe, wa e dhla kanye nabezizwe; kepa ku te ukuba ku fike bona, wa monyuka wa z'ahlukanisa nabo, esaba abokusoka. 13 Nabanye abaJuda futi ba zenzisa kanye naye; ngangoba noBarnaba wa tateka ngokuzenzisa kwabo. 14 Kodwa se ngi bonile ukuti a ba hambi ngoku te nto ngokweqiniso levangeli, nga ti ku Kefasi pambi kwabo bonke, Uma wena, u ngumJuda, u hamba ngokwabezizwe, u nga hambi ngokwabaJuda, yini ukuba u ba sindezele abezizwe, ukuba ba hambe ngokwabaJuda na? 15 Tina si ngabaJuda ngemvelo, si nge sizo izoni ezi ngabezizwe, 16 kepa s'azi ukuti umuntu a ka tetwa ngemisebenzi yomteto, kupela ngokukolwa uJesu Kristu, nati sa kolwa uKristu Jesu, ukuba si tetwe ngokukolwa uKristu, ku nge ngemisebenzi yomteto: ngoba ngemisebenzi yomteto a ku yi kutetwa muntu. 17 Kepa uma ku te, si sa funa ukutetwa ngoKristu, sa funyaniswa nati uqobo si izoni, po uKristu u isikonzi sokwona na? Hayi. 18 Ngoba uma ngi buya

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ng'ake loko engikúcitileyo, ngi qedakalisa ukuti ngi ngopambukayo. **19** Ngokuba ngawo umteto nga fa nga semtetweni, ukuze ngi pile nga ku Nkulunkulu. **20** Ngi betelwe kanye noKristu; a ku se yimi opilayo, nguKristu o pila kimina: na loko kupila engikupilayo kaloku enyameni ngi ku pila ngokukolwa, loko kukolwa oku ngeNdodana ka Nkulunkulu, eyangitandayo, ya zinikela ngenxa yami. **21** A ngi wu shafisi umusa ka Nkulunkulu: ngokuba uma ukulunga ku ya ngomteto, kanti uKristu wa fela ize.

3 Awu baseGalatiya aba iziwula, ni loywe ubani, nina a bekwa obala pambi kwamehlo enu uJesu Kristu e betelwe? **2** Iloku kodwa engi tanda ukukutola kinina ukuti, N'amkeliswa uMoya ngemisebenzi yomteto, kuko, ngokuzwa kwokukolwa yini na? **3** Ni wulekile kangaka na? ni ti ni qale ngokoMoya, se ni peleliswa ngokwenyama na? **4** Ni hlupeke kangaka ngeze nje na? uma kambe nga be ku ngeze. **5** Ngakoke lowo o ni nika uMoya, n'o wenza imisebenzi yamandhla pakati kwenu, u kwenza ngemisebenzi yomteto, kuko ngokuzwa kwokukolwa yini na? **6** Njengaloku uAbraham wa kolwa uNkulunkulu, kwa balelwa kuye ku tiwa ukulunga. **7** Yazinike ukuti aba ngabokukolwa, yibona aba ngamadodana ka Abraham. **8** Umbhalo u bona ngapambili ukuti uNkulunkulu u za kuteta abezizwe ngokukolwa, wa li shumayela ivangeli ku Abraham ngapambili u ti, Izizwe zonke zi ya kubusiswa ngawe. **9** Njaloke aba ngabokukolwa ba busiswa kanye noAbraham okolwayo. **10** Ngoba bonke aba ngabemisebenzi yomteto ba pansi kwesiqalekiso: ngokuba ku lotshiwe ukuti, Ba qalekisiwe bonke aba nga hlali njalo kuko konke okulotshiweyo encwadini yomteto, ukuba ba kwenze. **11** Kepa loko kokuti ngomteto a kuko muntu o tetwa pambi ku ka Nkulunkulu, ku sobala: ngokuba, Olungileyo u ya kupila ngokukolwa; **12** kepa umteto a u siko okokukolwa; kodwa Owenzayo lawa masiko u ya kupila ngawo. **13** UKristu wa si hlenga esiqalekisweni somteto, enziwe isiqalekiso ngenxa yetu; ngokuba ku lotshiwe ukuti, U qalekisiwe wonke o panyekwa emtini; **14** ukuze ku fike kwabezizwe isibusiso si ka Abraham ngoKristu Jesu; ukuze s'amkeliswe uMoya otenjisiweyo ngokukolwa.

15 Bazalwane, ngi kulumisa okwabantu: Noma ku isivumelwano somuntu nje, noko nxa se si qinisiwe, a kako osishafisayo, kumbe engezele uto kuso. **16** Kepa izitembiso za kulunywa ku Abraham na kuyo inzalo yake. A ka sho ukuti, Na kuzo izinzalo, njengokungati u kuluma ngeziningi; u sho ngokungati nganye u ti, Na kuyo inzalo yako, e nguKristu. **17** Kepa ngi sho loku ukuti: Isivumelwano esa qiniswa uNkulunkulu ngapambili, umteto, owa fika emva kweminyaka e amakulu amane namashumi amatatu, a u si buntshisi, u ze u putise isitembiso. **18** Ngokuba uma ifa li vela ngomteto, a li sa veli ngesitembiso: kepa uNkulunkulu wa li nika uAbraham ngesitembiso. **19** Po, umteto u yini na? W'elekelwa ngenxa yezipambuko, ku ze ku fike inzalo eyona i tenjisiwe; u misiwe ngezingelosi ngesandhla somlamuli. **20** Kepa umlamuli a siye wamunye; kanti uNkulunkulu munye. **21** Poke, umteto u pambene nezitembiso zi ka Nkulunkulu na? Hayi: ngoba uma be be nikwe umteto o namandhla okwenza ukupila, ukulunga be ku ya kuya ngomteto impela. **22** Kantike umbhalo u valele konke pansi kwokwona, ukuze isitembiso esi ngokukolwa ku Jesu Kristu si nikwe abakolwayo.

23 Kepa ku nga ka fiki ukukolwa, sa si lindwa si pansi kwomteto, si valelwe ukukolwa o be ku za kwambulwa. **24** Njaloke umteto se wa ba umpelekezeli wetu wokusiyisa ku Kristu, ukuze si tetwe ngokukolwa. **25** Kepake se ku fikile ukukolwa, a si se pansi kwompelekezeli. **26** Ngokuba nina nonke ni ngamadodana ka Nkulunkulu ku Kristu Jesu ngokukolwa. **27** Ngokuba nina nonke ena

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

bapatizelwa ku Kristu n'ambata u-Kristu. 28 Ku nge be kona o ngumJuda n'o ngumGreki, ku nge be kona o isigqili nokululekileyo, ku nge be kona o ngowesilisa n'o ngowesifazana; ngokuba nina nonke ni munye ku Kristu Jesu. 29 Uma ni ngaba ka Kristu, nga lokoke ni yinzalo ka Abraham, izindhlalifa ngokwesitembiso.

4 Kepa ngi ti indhlalifa ngesikati sonke i se ingane, a y'ahluke nga luto kuso isigqili noma i inkosi yako konke; 2 kepa i pansi kwabondhli, nabapatimuzi ku ze ku fike isikati esi miswe pambili uyise. 3 Njaloke nati, lapo si se izingane, sa si hlaliswe ebugqilini pansi kwezifundiso zomhlaba ezi iziqalo: 4 kepa lapo sa se si pelele isikati, uNkulunkulu wa tuma iNdodana yake, i zelwe owesifazana, i zelwe pansi kwomteto, 5 ukuze i hlenge aba pansi kwomteto, ukuze s'amkeliswe ukwenziwa amadodana. 6 Ku te ngoba ni ngamadodana, uNkulunkulu wa tuma uMoya weNdodana yake ezinhliziyweni zetu, o memeza e ti, Abba, Baba. 7 Ngangoba a u se siso isigqili, u su yindodana; uma u indodanake, u yindhlalifa ngoNkulunkulu.

8 Kantike nga leso sikati, ni nga m azi uNkulunkulu, be ni sebugqilini kubo aba nge sibo onkulunkulu ngemvelo: 9 kepa manje loku se ni m azi uNkulunkulu, a ke ngi ti ngakanye naziwa uNkulunkulu, yini ukuba ni buye ni pindele ezifundisweni ezi iziqalo ezi butakataka ezi mpofana, eni tanda ukupinda ni be sebugqilini kuzo ngokusha? 10 Ni gcinisisa izinsuku, nezinyanga, nezikati, neminyaka. 11 Ngi y'esaba ngani, funa mhlaumbe ngi ni kandhlekelele ize.

12 Yibani njengami, ngoba nami ngi njengani, bazalwane, ngi ya ni nxusa. A ni ng'onanga nga luto: 13 kepake ni y'azi ukuti kwa ba ngenxa yobutakataka enyameni ukuba ngi shumayele ivangeli kini kuqala: 14 na loko okwa ku isilingo kini enyameni yami a ni ku delelanga, a ni nengwanga yiko; qa, na ng'amkela njengokungati ngi yingelosi ka Nkulunkulu njengokungati ngi nguKristu Jesu. 15 Po, kupi ukuhalalisa kwenu lokuya? ngoba ngi ya ni fakazela ukuti uma be ku ngenzeka be ni za kukipa amehlo enu ni ngi nike woma. 16 Njaloke se ngi isita kini, ngokuba ngi ni tshela iqiniso na? 17 Ba ya ni shisekelela ku nge ngokuhle; qa, ba tanda ukunivalela ngapandhle, ukuze ni ba shisekelele. 18 Kepa kuhle ukushisekelelwa kokuhle njalonjalo, ku nga bi nxa ngi kona kini kupela. 19 Bantwanyana bami, engi nenimba futi ngani a ze a bunjwe uKristu kinina—20 kepa ngi nga tanda ukuba ngi be kona kini manje, ngi guqule ukukuluma kwami; ngoba ngi dadekile ngani.

21 Ngi tsheleni, nina eni tanda ukuba pansi kwomteto, a ni wu zwa umteto na? 22 Ngoba ku lotshiwe ukuti uAbraham wa e namadodana amabili, enye i ngeyowesifazana o isigqili, enye i ngeyokululekileyo. 23 Kantike e ngeyesigqili i zelwe ngokwenyama; kepa e ngeyokululekileyo i zelwe ngesitembiso. 24 Okona ku ngokwokulinganisa: ngoba laba besifazana ba izivumelwano ezibili; esinye si vela entabeni iSinayi, si zalela abantwana ebugqilini, esi nguHagari. 25 UHagari lowoke u intaba iSinayi e seArabiya e lungelelene neJerusalem la manje: ngoba li sebugqilini nabantwana balo. 26 Kepa iJerusalem eli pezulu li kululekile, eli ngumame wetu. 27 Ngokuba ku lotshiwe ukuti,

Jaja, wena nyumba ongazaliyo;
Qumuka wenanele, wena o nge na nimba:
Ngokuba baningi abantwana besaliwakazi kunabake o nendoda.

28 Tinake, bazalwane, njengoIsaka, si ngabantwana besitembiso. 29 Kepake njenga nga leso sikati owa zalwa ngokwenyama wa zingela owa zalwa ngoku ka Moya, ku njalo na manje. 30 Kantike u tini umbhalo na? u ti, Xosha isigqili nendodana yaso: ngoba indodana yesigqili a i yi kulidhla ifa kanye nendodana yokululekileyo. 31 Ngalokoke, bazalwane, a si sibo abantwana besigqili, si ngabokululekileyo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Bambelelani ekukululekeni kwenu. Yetwalelanani.

5 UKristu wa si kululela ukuba si be nenkululeko: ngakoke yimani ni qine, ni nga buyi ni hintshelwe ejokweni lobugqili.

2 Bhekani, mina Paule ngi ti kinina, uma ni vuma ukusoka, uKristu a ka yi kunisiza nga luto. 3 Yebo, ngi ya gomela futi kuye wonke umuntu o vuma ukusoka, ukuti u necala lokuba a w'enze umteto wonke. 4 Ni shafile ku Kristu, nina e nga, ni nga tetwa ngomteto; ni wile na puta emuseni. 5 Ngokuba tina ngaye uMoya si hlalela ngokukolwa itemba lokuba si lunge. 6 Ngoba ku Kristu Jesu ukusoka a ku namandhla a luto, nokungasoki; oku nawo ngukukolwa oku sebenza ngotando. 7 Be ni gijima kahle; po, ni tiywe ubani ukuba ni nga laleli iqiniso? 8 Loku kuvunyiswa a ku ngaye onibizayo. 9 Imvubelo e ingcozana i bilisa inhlama yonke. 10 Ngi netemba malungana nani eNkosini, ukuti a ni yi kuqonda okunye: kepa onitatazelisayo u ya kutwala ukwahlulelwa kwake, noma e ngubani. 11 Kepa mina, bazalwane, uma ngi sa shumayela ukusoka, ngi sa zingelelwani na? ku nga ba isikubekiso sesipambano si pelile. 12 Sengati ba nga zihuna abaniyaluzisayo.

13 Ngokuba nina, bazalwane, na bizelwa ekukululekeni; kodwa ni nga kwenzi ukukululeka kwenu ku be ituba enyameni, a ku ti ngotando ni konzane. 14 Ngoba umteto wonke u gcwaliswe ngazwi linye lokuti: Wo tanda umakelwane wako njengokuzitanda kwako. 15 Kepake uma ni lumana ni dhlane omunye nomunye, xwayani ukuba ni nga qedwa omunye ngomunye.

16 Kepa ngi ti, Hambani ngaye uMoya, a ni yi kufezake inkanuko yenyama. 17 Ngokuba inyami i kanuka ngokupambene noMoya, uMoya u kanuka ngokupambene nenyama; ngoba loku ku yimpi okunye kokunye; ukuze ni ng'enzi loko eni suke ni ku tanda. 18 Kepa uma ni holwa uMoya, a ni pansi kwomteto. 19 Imisebenzi yenyama pela i ya bonakala, yile: ubufebe, ukungcola, ukunqwenela, 20 ukukonza izitombe, uku takata, ubuta, inkani, isikwele, ukufuteka, imibango, ukwahlukana, amaqembuqembu, 21 umona, ukudakwa, nokuwekezela kwotshwala, noku njengaloku; engi ni tshela ngako ng'andulela, njengokuba nga ni tshela ng'andulela, ukuti aba gila okunjalo a ba yi kuwudhl'ubufa umbuso ka Nkulunkulu. 22 Kepa izitelo zi ka Moya zi utando, ukutokoza, ukutula, ukubekezela, ububele, ukuva, ukutembeka, 23 ubunene, ukuzibamba; a kuko mteto o pambene nako okunjalo. 24 Aba ngaba ka Kristu Jesu ba betele inyama kanye nokuhuheka nezinkanuko zayo.

25 Uma si pila ngaye uMoya, ma si hambe ngaye uMoya. 26 A si nga bi nendhlundhlu, si nga ntshintshani, si felane umona.

6 Bazalwane, nokuba umuntu e badanywa esipambukweni esitile, nina ba ka Moya, m lulamiseni o njalo ngomoya wobunene; u zibheke wena, funa u yengwe nawe. 2 Yetwalelanani okunisindayo, ni gcwalise kanjalo umteto ka Kristu. 3 Ngokuba uma umuntu e ti u uto e nge luto, u ya zikohlisa yena. 4 A ku be ilowo a vivinye owake umsebenzi, kona e ya kuba nokuzigabisa ngokwake yedwa, ku nga bi ngomunye. 5 Ngokuba ilowo u ya kutwala owake umtwalo. 6 Kepa ma ka ti yena o fundiswa izwi a hlanganyele nomfundisayo kokuhle konke. 7 Ni ng'eduswa; uNkulunkulu a ka hxolodelwa: ngokuba loko akuhlwanyelayo umuntu u ya kuvuna konaloko. 8 Ngoba o hlwanyelela eyake inyama u ya kuvuna ukwonakala ngenyama; a ti o hlwanyelela uMoya a vune ukupila okumiyo njalo ngaye uMoya. 9 Kepa ekwenzeni okulungileyo ma si nga dangali: ngokuba si ya kuvuna ngenkati efaneleyo, uma si nga ti yetelele. 10 Ngakoke si se netuba, a si sebenze okulungileyo kubo bonke, kepa ikakulu kwabendhlu yokukolwa.

11 A ke ni bone ukuloba okungaka engi ni lobele ngako ngesami isandhla. 12 Bonke aba tanda ukufefenyeka

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Amazwi okuvalelisa.

ngokwa senyameni, ba ni sindezela ukuba ni soke; benza kupela nje ukuze ba nga zingelwa ngenxa yesipambano si ka Kristu. 13 Ngokuba naba vuma ukusokwa a ba wu gcini umteto; kodwa ba tanda ukuba ni soke, ukuze ba zigabise ngenyama yenu. 14 Kodwa a ku be kude nami ukuba ngi zigabise, kupela ngesipambano seNkosi yetu uJesu Kristu, oku betelwe umhlaba kimi ngaso, nami kuwo umhlaba. 15 Ngokuba na kusoka a ku luto, nokungasoki, isidalwa esisha kupela. 16 Bonke aba hamba nga lo mudwa, a ku be kubo ukutula, nesihau, na ku Israeli ka Nkulunkulu.

17 Ma ngi nga be ngi sa qotshwa umuntu; ngokuba ngi pete emzimbeni wami izimpau zi ka Jesu.

18 Umusa weNkosi yetu uJesu Kristu ma u be nomoya wenu, bazalwane. Amen.

INCWADI KA PAULE KWABA

S'EFESU

U ya bingelela. Izibusiso zabahlengiweyo.

1 UPaule, umpostoli ka Kristu Jesu ngentando ka Nkulunkulu, kwabangcwele aba s'Efesu, nabatembekayo ku Kristu Jesu: 2 A ku be kinina umusa nokutula oku vela ku Nkulunkulu uBaba wetu na seNkosini uJesu Kristu.

3 Ma ka bongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yetu uJesu Kristu, osibusisileyo ngezibusiso zonke zomoya kweza sezulwini izindawo ku Kristu: 4 njengaloku wa si ketela kuye u nga ka sekelwa umhlaba, ukuba si be ngcwele si nga bi na sici pambi kwake otandweni: 5 e si misele pambili ukuba senziwe amadodana ku yena ngoJesu Kristu, njengaloko okwa ba kuhle kuye ngentando yake, 6 kuze ku batshazwe ubukosi bomusa wake, a si pe wona ngesihle ngaye oTandiweyo: 7 esi nokuhlengwa kuye ngegazi lake, ukutetelelwa kwezipambuko zetu, ngokwengcebo yomusa wake, 8 a wu vamise kitina ngako konke ukuhlakanipa nokuqonda, 9 e s'azisa imfihlakalo yentando yake, njengaloko okwa ba kuhle kuye akucebayo ngaye 10 ukuba ku be ukuhlelwa kwokupelela kwezikati, ukuqoqela enhlokweni inye konke ku Kristu, oku semazulwini noku semhlabeni; ngi sho ku yena, 11 es'enziwa ifa si kuye, se si misiwe pambili ngokwecebo la lowo o sebenza izinto zonke ngokuhlosa kwentando yake; 12 ukuze si be ukubatshazwa kwobukosi bake, tina esa temba pambili ku Kristu: 13 eni te nani ni kuye, se ni zwile izwi leqiniso, ivangeli lokusindiswa kwenu,—se ni koliwe uye, na bekwa upau ngaye uMoya oNgcwele wesitembiso, 14 o isibambiso sefa letu, ku be ukuhlengwa kwaba imfuyo yake, ku be ukubatshazwa kwobukosi bake.

15 Ngaloku nami, se ngi zwile ukukolwa eNkosini uJesu oku kinina, notando lwenu kwabangcwele bonke, 16 a ngi yeki ukubonga ngenxa yenu, ngi ni pata emitandazweni yami: 17 ukuba uNkulunkulu weNkosi yetu uJesu Kristu, uYise wobukosi, a ni nike umoya wokuhlakanipa nokwambulelwa ngokumazisisa; 18 e kanyisiwe amehlo enhliziyo yenu, ni ze n'azi ukuba li yini itemba lokubiza kwake, nokuba i yini ingcebo yobukosi befa lake pakati kwabangcwele, 19 nokuba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

bu yini ubukulu obudhluleleyo bamandhla ake kitina esikolwayo, ngokwokusebenza kwokuqina kwobuqwaga bake 20 akusebenzayo ku Kristu ekumvuseni kwake kwabafileyo, wa m hlalisa ngakwesokunene sake kweza sezulwini izindawo, 21 ngapezu kwako konke ukubusa nesiqolo, namandhla, nobukosi, namagama onke apatwayo, ku nge siko ku leli zwe kupela, kodwa na kwelizayo: 22 u tobisele izinto zonke pansi kwezinyawo zake, wa m nika ukuba a be inhloko pezu kwako konke ebandhleni, 23 eli umzimba wake, ukugcwala kwake o gcwalisa konke kuko konke.

2 Wa n'enza na pila nani, se ni file izipambuko nezono zenu, 2 ena ni kade ni hamba kuzo ngokwesimo sa leli zwe, ngokwombusi wamandhla omkati, ongowomoya o sa sebenza ku madodana okungalaleli; 3 e kade sa si hamba nawo nati sonke ezinkanukweni zenyama yetu, s'enza intando yenyama neyengqondo, sa si ngabantwana bolaka ngemvelo njengabanye:— 4 kepa uNkulunkulu, e isicebi ngesihau, ngenxa yotando lwake olukulu a si tanda ngalo, 5 na lapo sa si file izipambuko zetu, wa s'enza sa pila kanye noKristu (ni sindiswe ngomusa), 6 wa si vusa kanye naye, wa si hlalisa kanye naye kweza sezulwini izindawo, ku Kristu Jesu: 7 ukuze ku ti ezikatini ezizayo a bonakalise ingcebo edhluleleyo yomusa wake ngobunene kitina ngaye uKristu Jesu: 8 ngoba ni sindisiwe ngomusa ngokukolwa; nako loko a ku yi ngokwenu, ku isipo si ka Nkulunkulu; 9 a ku yi ngemisebenzi, ukuze ku nga biko ozigabisayo. 10 Ngokuba si ngumsebenzi wake, si dalelwe imisebenzi elungileyo ku Kristu Jesu, nNkulunkulu a yi lungisela pambili ukuze si hambe kuyo.

11 Ngakoke kumbulani ukuti kade nina, e be ni ngabezizwe ngokwasenyameni, aba bizwa ngokuti Abokungasoki ilabo aba bizwa ngokuti Abokusoka, oku senyameni okwenziwa ngezandhla: 12 ukuti nga leso sikati na ni ngapandhle ku ka Kristu, na ni ngabasemzini kokwomuzi wa kwa Israeli, na ni ngabafo ezivumelwaneni zesitembiso, ni nge na temba ni nge na Nkulunkulu emhlabeni. 13 Kepa kaloku ku Kristu Jesu nina ena ni kade ni kude se nenziwa na ba seduze ngegazi li ka Kristu. 14 Ngokuba yena u ngukutula kwetu, ow'enza okubili ku be kunye, wa cita udonga olu pakati lotango, 15 e se shabalalise ngenyama yake ubuta, wona umteto wemiyalo e sezimisweni; ukuze a dalé kuye nga labo ababili umuntu a be munye omusha, enza ukutula; 16 enze bobabili be umzimba munye ba buyisane noNkulunkulu ngesipambano, e se bulele ubuta ngaso: 17 w'eza wa shumayela izindaba ezinhle zokutula kinina e be ni kude, nokutula ku labo aba be seduze: 18 ngokuba ngaye si nokungena sobabili ngoMoya munye ku Yise. 19 Ngakoke a ni se sibo abafo naba te gozololo, kepa ni muzi munye nabangcwele, ni ngabendhlu ka Nkulunkulu, 20 n'akiwe pezu kwesisekelo sabapostoli nabaprofeti, uKristu Jesu uqobo e ilitshe eli inqubu yegumbi; 21 oyena ku hlanganiselwa kuye ku tiwe ne izakiwo zonke ngazinye, zi kule zi be itempeli elingcwele eNkosini; 22 oyena nakiwa isakiwo sinye kuye nani, ni be indawo yokuhlala ka Nkulunkulû ngaye uMoya.

3 Ngenxa ya loko mina Paule, isiboshwa si ka Kristu Jesu ngenxa yenu nina bezizwe,—2 nxa nga be se ni zwile ngokuhlelwa kwa lowo musa ka Nkulunkulu engiwupiweyo ngani; 3 kokuti ngokwambulelwa ngaziswa imfihlakalo, njengaloko se ngi lobile ngamazwana, 4 oku nga ti ngako, nxa se ni funda, ni nga bona ukuqonda kwami emfihlakalweni ka Kristu; 5 amadodana abantu a ng'aziswanga yona kwezinye izizukulwane, njengaloku se yambulwe manje ku bapostoli bake abangcwele nabaprofeti ngaye uMoya; 6 yokuti abezizwe ba izindhlalifa kanye nati, ba mzimba munye nati, ba abahlanganyeli nati besitembiso kuye uKristu Jesu ngevangeli, 7 eng'enziwa isikonzi salo, ngokwesi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

piwo sa lowo musa ka Nkulunkulu engiwupiweyo ngokwokusebenza kwamandhla ake. 8 Mina engi mncinyanyana kunabo bonke abangcwele, nga piwa lo musa, wokuba ngi shumayele kwabezizwe izindaba ezinhle zengcebo ka Kristu e nge na kutungatwa; 9 ngi ba kanyisele abantu bonke ukuba ku yini ukuhlelwa kwemfihlakalo e bi fihliwe kwa pakade ku Nkulunkulu owa dala izinto zonke; 10 ukuze ku ti manje imibuso naba namandhla kweza sezulwini izindawo baziswe ngebandhla ukuhlakanipa okuninginingi ku ka Nkulunkulu, 11 ngokwecebo lake la pakade alenzayo ku Kristu Jesu iNkosi yetu: 12 esi nesibindi ngaye nokungena ngokwetemba ngokukolwa kwetu kuye. 13 Ngalokoke ngi ya cela ukuba ni nga dangali ngokukatazeka kwami oku ngenxa yenu, oku udumo lwenu.

14 Ngenxa ya loko ngi guqa ngamadolo ami ku Yise, 15 oku bizwa ngaye imindeni yonke e sezulwini ne semhlabeni, 16 ukuba a ni nike ngokwengcebo yobukosi bake, ukuba ni qiniseke ngamandhla ngaye uMoya wake emntwini o pakati; 17 ukuba uKristu a hlale ezinhliziyweni zenu ngokukolwa; ukuze ku ti ni gxilile ni sekelwe otandweni, 18 ni be namandhla okuzwisisa kanye nabangcwele bonke ukuti bu yini ububanzi nobude nokupakama nokujula, 19 yebo ni lwazi utando lu ka Kristu olu dhlula ukwazi, ukuze ni gcwaliswe ku be ukugcwala konke ku ka Nkulunkulu.

20 Ku yena o namandhla okwenza okukulu kakulu ngapezu kwako konke esikucelayo nesikuqondayo, ngokwamandhla asebenzayo kitina, 21 a ku be kuye udumo ebandhleni na ku Kristu Jesu ezizukulwaneni zonke za nini na nini. Amen.

4 Ngakoke mina, siboshwa eNkosini, ngi ya ni ncenga ukuba ni hambe ngokufanele ukubizwa ena bizwa ngako, 2 ni nokutobeka konke nobunene, ni nokubeka kade, ni bekezelana ngotando; 3 ni kutalela ukugcina ubunye bu ka Moya ngesibopo sokutula. 4 Munye umzimba, munye uMoya, njengokuba futi na bizwa na ba netemba linye lokubizwa kwenu; 5 inye iNkosi, kunye ukukolwa, kunye ukubapatizwa, 6 munye uNkulunkulu uYise wabo bonke, o pezu kwabo bonke, o kubo bonke, o pakati kwabo bonke. 7 Kepa ilowo kitina u piwe umusa ngokwesilinganiso sokupa ku ka Kristu. 8 Ngalokoke u ti,

E s'enyukele pezulu, wa tumba abatunjwa,
Wa nika abantu izipo.

9 (Kepa loku ukuti, W'enyuka, ku tini na, uma ku nge siko nokuti wa ke wehlela ekujuleni kwomhlaba? 10 Owehlelayo yilowo ow'enyukela ngapezu kwamazulu onke, ukuze a gcwalise konke.) 11 Abanye wa ba nika ukuba ba be ngabapostoli; nabanye ba be ngabaprofeti; nabanye ba be ngabavangeli; nabanye ba be ngabalusi nabafundisi; 12 ukuze abangcwele ba peleliselwe umsebenzi wokukonza, kwakiwe umzimba ka Kristu: 13 si ze si finyelele sonke ebunyeni bokukolwa nobokwazisisa iNdodana ka Nkulunkulu, ebudodeni obupeleleyo, esilinganisweni sobukulu bokugcwala ku ka Kristu: 14 ukuze si nga be si sa ba izingane, si shukunyiswa okwamaza si peshulwa imimoya yonke yokufundisa, ngokupamba kwabantu, ngobukelengu, ngokwobuqengqeshu bokweduka; 15 kodwa si ti si kuluma iqiniso ngotando, si kulele ngako konke ku yena o inhloko uKristu; 16 oku ngaye umzimba wonke u hlangene ngokute ne u tiwe twaxa nga loko amalungu onke elekelene ngako, ngokusebenza kwezindawo zonke ngazinye ngokwesilinganiso sazo, wenza ukukula kwomzimba ku be ukuzaka kwawo ngotando.

17 Ngi sho lokuke, ngi gomela eNkosini, ngi ti, ni nga be ni sa hamba njengaloku ku hamba abezizwe ebuzeni bemiqondo yabo, 18 be hlwelwe engqondeni yabo, be ngaba semzini mayelana nokupila oku ngoku ka Nkulunkulu, ngenxa yokungazi oku kubo, ngenxa yokutuntubezeka kwe-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

zinhliziyo zabo; 19 aba ti be ndikindiki ba zinikela ekunqweneleni, ukwenza ukungcola konke ngokufisa. 20 Kepa nina a ni m fundanga uKristu ngokunjalo; 21 uma pela ni m zwile, na fundiswa kuye, njengokuba iqiniso li ku Jesu: 22 ukuba ni lahle ngokwenkambo yenu yokuqala umuntu omdala, owonakalayo ngokwezinkanuko zenkohliso; 23 n'enziwe busha emoyeni wokuqonda kwenu, 24 n'ambate umuntu omusha, owa dalwa ngoku ka Nkulunkulu ekulungeni na sebungcweleni beqiniso.

25 Ngalokoke, lahlani okwamanga, ni kulume iqiniso ilowo nomakelwane wake: loku si izito omunye e ngesomunye. 26 Tukutelani, ni ng'oni: ma li nga shoni ilanga ni sa cunukele: 27 ni nga m niki umhlebi indawo. 28 O kade eba a nga be e s'eba: kepa ngakanye ma ka kandhleke, e sebenza okulungileyo ngezandhla zake, ukuze a be nako a nga pa ngako osweleyo. 29 A ku nga pumi emlonyeni wenu izwi elibolileyo nalinye, kodwa a ku be ilelo eli lungele ukwaka njeng'okuswelekileyo, ukuze li ba vezele umusa abezwayo. 30 Ni nga m dabukisi uMoya oNgcwele ka Nkulunkulu, ena bekwa upau ngaye ku ze ku be usuku lokuhlengwa. 31 A ku suswe kini konke okubabayo nokufuteka, nolaka, nokuti potololo, nokuhlambalaza, kanye nefundululu lonke: 32 ni be mnene omunye komunye, ni nesihe, ni tetelelana, njengokuba noNkulunkulu wa ni tetelela ngaye uKristu.

5 Ngakoke yibani abalingisi ba ka Nkulunkulu njengabantwana abatandekayo; 2 ni hambe otandweni njengokuba noKristu wa ni tanda, wa zinikela ngenxa yetu, a be umnikelo nomhlatshelo ku Nkulunkulu a be ipunga lolwasi olumnandi.

3 Kepa ubufebe, nako konke ukungcola, noma ukufisa, a ku nga patwa na ngegama pakati kwenu, njeng'okufanele abangcwele; 4 nokwezinhloni, nokukuluma okwobuwula, nokuntela, oku izinto ezi nga fanele: kodwa ikakulu a ku be ukubonga. 5 Ngokuba ni ya kwazi kahle loku ukuti a kako o isifebe, nongcolileyo, nofisayo oyena e ngo konza izitombe, o nefa embusweni ka Kristu noNkulunkulu. 6 Ma ni nga kohliswa muntu ngamazwi a ize: ngokuba ngenxa ya lezi zinto ku za ulaka lu ka Nkulunkulu pezu kwamadodana okungalaleli. 7 Ngakoke ni nga bi aba hlanganyela nabo; 8 ngoba kade ni ubumnyama, kepa kaloku ni ukukanya eNkosini: hambisani okwabantwana bokukanya 9 (ngoba isitelo sokukanya si sekuveni konke na sekulungeni na seqinisweni), 10 ni vivinye oku kolekile eNkosini; 11 ni nga bi na budhlelwane nemisebenzi yobumnyama e nge nazitelo, kepa ngakanye ni yi dalule; 12 ngokuba izinto ezenziwa ibo esita ku ihlazo nokukuluma ngazo. 13 Kepa konke nxa ku dalulwa ku bonakaliswa ukukanya: ngokuba konke okubonakaliswayo ku ukukanya. 14 Ngalokoke ku tiwa, Papama, wena oleleyo u vuke kwabafileyo, u Kristu u ya kukukanyisa.

15 Ngakoke qapelisisani ukuhamba kwenu, ni nge njeng'aba nga hlakanipile, ni njeng'abahlakanipileyo; 16 ni tengisise isikati ngokuba izinsuku zimbi. 17 Ngalokoke ni nga bi izipukupuku, ni qonde ukuti yikupi oku yintando yeNkosi. 18 Ni nga dakwa iwayini, oku kona kulo ubuxwala, kepa ni gcwaliswe uMoya; 19 ni kuluma omunye komunye ngamahubo namagama nezingoma ezi ngokoMoya, ni hlabelela ni huba ngenhliziyo yenu eNkosini; 20 ni bonga ngezikati zonke izinto zonke ngegama leNkosi yetu uJesu Kristu ku Nkulunkulu uYise; 21 ni tobelana ngokumesaba uKristu.

22 Bafazi, tobelani awenu amadoda njengokungati ni tobela iNkosi. 23 Ngoba indoda i yinhloko yomfazi, njengokuba noKristu u yinhloko yebandhla, yena e ngumsindisi womzimba. 24 Kodwa njengokuba ibandhla li tobela uKristu, ma benze njalo nabafazi ku madoda abo kuko konke. 25 Madoda, tandani omkenu, njengokuba noKristu wa li tanda iba-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ndhla, wa zinikelela lona; 26 ukuze a li ngcwelise, e li hlambulule ngokuligeza ngamanzi ngalo izwi, 27 ukuze a li beke pambi kwake li ibandhla lobukosi, li nge na sishishi na mbimbi na nto enjalo; kodwa li be ngcwele li nge na sici. 28 Ngokunjalo namadoda a fanele ukutanda omkawo njengemizimba yawo. O tanda umkake u zitanda yena: 29 ngoba a kuko muntu owa ke wa zonda eyake inyama; u ya y'ondhla a yi totose, njengaloku noKristu enza kulo ibandhla; 30 ngoba si izito zomzimba wake. 31 Ngenxa ya loko umuntu u ya kushiya uyise nonina, a namatele ku mkake; labo babili bo ba nyamanye. 32 Le mfihlakalo inkulu: kepa ngi kuluma ngi bhekisela ku Kristu nebandhla. 33 Nokoke ma ni ti nonke ngabanye ku be ilowo a tande umkake njengokuzitanda kwake; a ti umfazi esabe indoda yake.

6 Bantwana, lalelani abazali benu eNkosini; ngokuba loku ku lungile. 2 Hlonipa uyihlo nonyoko (oku umyalo wokuqala o nesitembiso), 3 ukuze ku be kuhle kuwe, u hlale kade emhlabeni. 4 Nani boyise, ni nga tukutelisi abantwana benu: ni b'ondhle ngokuyalukisa na ngokululeka kwe-Nkosi.

5 Zigqili, lalelani labo aba ngamakosi enu ngokwenyama, ngokwesaba nokututumela, ngesiqondo senhliziyo yenu, kungati ku ku Kristu; 6 ku nga bi ngokwokukonza ni bonwa, njeng'aba tokozisa abantu; ku be njengezigqili zi ka Kristu, n'enza intando ka Nkulunkulu ngompefumulo; 7 ni konze ngokutanda, ngokungati ni konza iNkosi ku nge siko abantu: 8 n'azi ukuti konke okuhle ilowo akwenzayo, u ya kuzuza konaloko futi eNkosini, noma e isigqili noma e ngokululekileyo. 9 Nani makosi, yenzani zona lezo zinto ku zona, ni yeke ukusongela: n'azi ukuti lowo o iNkosi yazo neyenu u kona ezulwini, a kuko kuye ukuketa ubuso.

10 Elokugcina, yibani namandhla eNkosini, na sekuqineni kwobuqwaga bayo. 11 Hlomani izikali zonke zi ka Nkulunkulu, ukuze ni be namandhla okumelana nobuqengqeshu bomhlebi. 12 Ngoba a si bambene nenyama negazi, si bambene nemibuso, namandhla, nezipati'mhlaba za lobu bumnyama, namabandhla obubi a ngawomoya kweza sezulwini izindawo. 13 Ngakoke tabatani izikali zonke zi ka Nkulunkulu, ukuze ni be namandhla okuzimela osukwini olubi, ni ti se ni fezile konke ni me. 14 Ngakoke yimani, izinkalo zenu zi boshiwe ngeqiniso, se ni fake ibantshi lensimbi lokulunga, 15 izinyawo zenu zi boshwe ngokulungiselela kwevangeli lokutula; 16 ku loko konke ni tabate isihlangu sokukolwa, eni ya kuba namandhla ngaso okucima yonke imikonto evutayo yomubi. 17 Namkele isigqoko sokusindiswa, nenkemba ka Moya, e izwi li ka Nkulunkulu: 18 ngokutandaza konke nokunxusa ni tandaze ngezikati zonke ni kuye uMoya, ni linde loku ngesineke sonke nokunxusela abangcwele bonke, 19 na ngenxa yami, ukuba ngi piwe izwi ekuvuleni umlomo wami, ngi ze ngi y'azise ngesibindi imfihlakalo yevangeli, 20 engi inxusa ngalo eli boshwe ngamaketanga; u kuba ngi li kulume ngesibindi njengokuba ngi melwe ukuba ngi kulume.

21 Kodwa ukuze nani n'azi okwami, ukuti ngi quba kanjani, uTikiku, umzalwane otandekayo nesikonzi esikolekayo eNkosini, u ya kunazisa konke: 22 engi m tumele kini nga kona loku, ukuba n'azi izindaba zetu, nokuba a duduze izinhliziyo zenu.

23 Ukutula a ku be ku bazalwane, notando kanye nokukolwa, oku vela ku Nkulunkulu uYise na seNkosini uJesu Kristu. 24 Umusa a u be nabo bonke abayitandayo iNkosi yetu uJesu Kristu ngotando olungonakaliyo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

INCWADI KA PAULE KWABA

SEFILIPI

Ukubingelela nokubonga. "Ukupila ku nguKristu, ukufa ku inzuzo."

1 UPaule noTimote, izinceku zi ka Kristu Jesu, kubo bonke abangcwele aba ku Kristu Jesu aba seFilipi, kanye nababonisi namadikoni: 2 A ku be kini umusa nokutula oku vela ku Nkulunkulu uBaba wetu na seNkosini uJesu Kristu.

3 Ngi bonga uNkulunkulu wami ekunikumbuleni konke kwami, 4 ngezikati zonke ekunxuseni kwami konke ngenxa yenu nonke ngi nxusa ngokutokoza, 5 ngobudhlelwane benu ekuqubeni ivangeli ku suka osukwini lokuqala ku ze ku be manje; 6 ngi temba kona loku ukuti o qale kinina umsebenzi olungileyo u ya kuwupelelisa ku ze ku be usuku lu ka Jesu Kristu: 7 njengokuba ku ngi fanele ukuba ngi be nomqondo o njalo ngani nonke, ngokuba ngi nani enhliziyweni yami, loku ekuboshweni kwami na sekulivikeleni na sekuliqiniseni ivangeli, nina nonke ni ngabahlanganyeli nami bomusa. 8 Ngoba uNkulunkulu u ngufakazi wami ngokunilangazelela kwami nina nonke ngesihesi ka Kristu Jesu. 9 Ngi tandazela loku, ukuba utando lwenu lu ye ngokuya ngokuvama ukwazi nokuqonda konke; 10 ni ze ni kete okuhle kakulu; ukuze ni be nesiqondo ni nga bi na sikubekiso ku ze ku be usuku lu ka Kristu; 11 ni gcwalisiwe izitelo zokulunga ezi ngoJesu Kristu, ku ze ku dunyiswe ku batshazwe uNkulunkulu.

12 Kepa ngi ya tanda ukuba n'azi, bazalwane, ukuti loko okwang'ehlelayo ukupumela kwako kwa banga ukuqubeka kwevangeli; 13 ngangoba izibopo zami za bonakala kulo lonke ibuto la sesigodhlweni ukuti zi ngenxa ka Kristu na kubo bonke abanye; 14 kwa ti iningi labazalwane eNkosini li temba ngenxa yezibopo zami, la ba nesibindi ngokukulu ukukuluma izwi li ka Nkulunkulu li ng'esabi. 15 Abanye kambe ba shumayela uKristu ngomona na ngenkani; nabanye ngomoya omuhle: 16 labake kambe ba kwenza ngotando, b'azi ukuti ngi miselwe ukuvikela ivangeli: 17 kepa laba ba memezela uKristu ngombango, ku nge ngokucweba, be ti ba za kungivusela inkatazo ekuboshweni kwami. 18 Po yini na? noko uKristu u ya menyezelwa ngezindhela zonke, noma ku ngokumbuluza noma ku ngeqiniso; ku lokoke ngi ya tokoza, yebo, ngi ya kutokoza. 19 Ngokuba ngi y'azi ukuti loku ku ya'u nce ku ngi vezele ukusindiswa, ngokunxusa kwenu na ngokusizwa uMoya ka Jesu Kristu, 20 njengokulabalaba nokwetemba kwami, kokuti a ngi yi kujabiswa nga luto, kodwa ngesibindi sonke, njengezikati zonke, ku njalo na kaloku uKristu u ya kwenziwa mkulu emzimbeni wami, nokuba ku ngokupila, nokuba ku ngokufa. 21 Ngokuba kimina ukupila ku inguKristu, ukufa ku inzuzo. 22 Kepa uma ukupila enyameni,—uma loku ku ya kuveza izitelo ngomsebenzi wami, a ngi kwazike engi za kukuketa. 23 Kepa ngi cindezelwe okubili, ngi nesifiso sokumuka ngi be noKristu; ngokuba yikona okuhle kakulu: 24 kantike ukuhlala enyameni ku dingeka kakulu ngenxa yenu. 25 Loku ngi nalo leli temba, ngi y'azi ukuti ngi ya kuhlala, yebo, ngi hlale nani nonke, ukuze ni qubeke ni tokoze ekukolweni; 26 ukuze ukuzigabisa kwenu ku vame ku Kristu Jesu ngami ngokubakona kwami futi kini. 27 Kodwake inkambo yenu a i be e fanele ivangeli li ka Kristu: ukuze noma ngi za ngi ni bone, noma ngi nga bi biko, ngi zwe izindaba zenu ukuti ni mi ni qinile emoyeni munye, na ngompefumulo munye ni lwela ukukolwa kwevangeli; 28 ni ng'etuswa nga luto

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ba nxusa ukuba ba zitobe. **U tusa uTimote noEpafroditu.**

abayimpi: oku isibonakaliso sokulahlwa ku bona, kepa ku esokusindiswa kwenu, na loko ku vela ku Nkulunkulu; 29 ngokuba nina na nikwa ngesihle ngenxa ka Kristu, ku nge siko ukukolwa uye kodwa, kepa nokuhlupeka ngenxa yake: 30 ni nako kona loko kugwanqa ena ku bona kimina, na kaloku ni zwa ukuti ku kimi.

2 Ngakoke uma ku kona ukulaya kuye uKristu, uma ku kona ukududuzeka kwotando, uma ku kona ubudhlelwane bu ka Moya, uma ku kona isihe nobubele, 2 gcwalisani ukutokoza kwami, ukuba ni be nomqondo munye, ni notando lunye, ni be nhliziyonye ni qonde intonye; 3 ni ng'enzi luto ngombango na ngendhlundhlu, kepa ngokutobeka kwenhliziyo a ku be ilowo a m shaye omunye omuhle kunaye; 4 ku nga bi ilowo e buka okwake, kepa ilowo e buka nokwabanye. 5 Yibani na lo mqondo kinina owa u ku Kristu Jesu naye: 6 oyena e nokuma ku ka Nkulunkulu ka ku shayanga uto lokuxozonyelwa ukulingana noNkulunkulu, 7 kepa wa zihluba, wa tabata ukuma kwesigqili, enziwa a fane nabantu; 8 wa ti e funyaniswe e njengomuntu ngesimo, wa zitobisa, wa ba ngowalalelayo, kwa ze kwa ba sekufeni, yebo, ekufeni kwa sesipambanweni. 9 Ngaloko uNkulunkulu wa m pakamisa kakulu, wa m nika igama eli ngapezu kwamagama onke; 10 ukuze ku ti ngegama li ka Jesu amadolo onke a guqe, awaba sezulwini, nawaba semhlabeni nawaba pansi kwomhlaba, 11 ku vume izilimi zonke ukuti uJesu Kristu u iNkosi, ku dunyiswe uNkulunkulu uYise.

12 Ngakoke, batandwa bami, njengaloku ni lalele ngezikati zonke, ku nge siko nxa ngi kona kupela, kodwa ikakulu manje nxa ngi ngeko, sebenzani ni feze ukusindiswa kwenu ngokwesaba na ngokututumela; 13 ngokuba nguNkulunkulu o sebenza pakati kwenu ukuba ni tande nokuba ni sebenze ngenxa ya loko okuhle kuye. 14 Yenzani konke ni nga kononi ni nga ngabazi; 15 ukuze ni be aba nga soleki, aba nge na bunyoninco, abantwana ba ka Nkulunkulu aba nge na sici pakati kwesizukulwane esi isigwegwe nesixabileyo, eni bonakala pakati kwaso njengezinkanyiso emhlabeni, 16 ni pete izwi lokupila; ngi ze ngi be nako okwokuzigabisa ngako ngosuku lu ka Kristu, kokuti a ngi gijimelanga ize a ngi kandhlekelanga ize. 17 Yebo, nokuba ngi tululelwa emhlatshelweni na senkonzweni yokukolwa kwenu, ngi ya tokoza, ngi tokoza kanye nani nonke: 18 ngokunjaloke tokozani nani, ni tokoze kanye nami.

19 Kepa ngi y'etemba eNkosini uJesu ukutuma uTimote kini masinyane, ukuze nami ng'etabe inxa ng'azi izindaba zenu. 20 Ngoba a ngi na muntu o mpefumulo munye nami, o za ku pisekela izindaba zenu ngobuqoto. 21 Ngokuba bonke ba funa okwabo, a ba funi oku ka Jesu Kristu. 22 Kepa ni y' azi ukuvivinyeka kwake, kokuti njengomntwana ku yise, u konzile kanye nami ekuqubeni ivangeli. 23 Yenake ngi y'etemba ukumtuma konamanje, qed'uba ngi bone okona ko ba yiko okwami: 24 kepa ngi tembela eNkosini ukuti nami ngi za kuza masinyane. 25 Kepa ngi bone ukuti ku dingeka ukuba ngi tume kini uEpafroditu, umzalwane o isisebenzi nebuto kanye nami, nesigijimi senu, isikonzi ekusweleni kwami; 26 loku wa e ni langazelela nonke, wa yilayileka ngokuba n'ezwa ukuti u ya gula: 27 ngoba nempela wa e gula e pansi kwokufa: kodwa uNkulunkulu wa m haukela; ku nge si yena yedwa, wa ngi haukela nami ukuze ngi nga bi nosizi pezu kwosizi. 28 Ngaloku kwa ba ikona ngi kutalela kakulu ukumtuma, ukuze ku ti nxa se ni m bona futi, ni tokoze, na kimina ku ncipe usizi. 29 Ngakoke m amkeleni eNkosini ngokutokoza konke; abanjalo ma ni ba patise okwabatuswayo: 30 ngokuba ngenxa yomsebenzi ka Kristu wa cish'ukufa, e zidela amatambo ukuze a gcwalise okusileleyo ekungikonzeni kwenu.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Konke ku ukulahlekelwa. Ikiti li sezulwini. Tokozani eNkosini.

3 Elokugcina, bazalwane bami, tokozani eNkosini. Ukunilobela zona lezo zinto, a ngi kwenqeni pela, kepa nina ku nenza isinqalanqala. 2 Xwayani izinja, xwayani abasebenzi bokubi, xwayani abokusika: 3 ngoba yitina abokusoka, esi kuleka ngoMoya ka Nkulunkulu, si zigabisa ngoKristu Jesu, si ng'etembi enyameni: 4 nakuba mina be ngi nga ba nokwetemba na senyameni: uma omunye umuntu e cabanga ukuba nokwetemba enyameni, kakulu mina: 5 o sokwe ngosuku lwesishiyangalombili, o ngowohlanga lu ka Israeli, o ngowesizwe si ka Benjamin, umHeberu wama-Heberu; ngokwomteto umFarisi; 6 ngokwokushiseka owa zingela ibandhla; ngokwokulunga oku semtetweni e nga soleki. 7 Kantike loko okwa ku inzuzo kimi nga ku shaya ukulahlekelwa ngenxa ka Kristu. 8 Yebo kambe, konke ngi ku shaya ukulahlekelwa ngobukulu bokumazi uKristu Jesu iNkosi yami, engi lahlekelwe yiko konke ngenxa yake, ngi ku shaya ingcucu, ukuze ngi zuze uKristu, 9 ngi funyanwe ku yena, ngi nge nako ukulunga oku ngokwami, oku ya ngomteto, kodwa ngi be na loko oku ya ngokukolwa ku Kristu, ukulunga oku vela ku Nkulunkulu ngokukolwa: 10 ukuze ngi m azi yena, namandhla okuvuka kwake, nobudhlelwane naye ezinhlupekweni zake, ngi m fuze ngokufa kwake; 11 umake mhlaumbe ngi nga ze ngi finyelele ekuvukeni kwabafileyo. 12 Ku nge siko ukuti se ngi tolile, nokuti se ngi pelelisiwe: kepa ngi bange okokuba kumbe ngi nga ku bamba yini loko enga banjelwa kona nguKristu Jesu. 13 Bazalwane, a ngi sho mina ukuti se ngi ku bambile: kepa ng'enza into inye, ngi kohlwa oku ngasemva, ngi z'elulela kokupambili, 14 ngi banga emgomeni ngi putuma ihxomelo lokubiza kwa pezulu ku ka Nkulunkulu ngo Kristu Jesu. 15 Ma si ti ke tina, sonke esi pelele, si be nokuqonda okunjalo: umake ku kona eni qonda ngokunye ngako, uNkulunkulu u ya kun'ambulela na loko: 16 kantike ku loko e se si finyelele kuko, ma si hambe nga wona lowo mudwa.

17 Ngi lingiseni kanyekanye, bazalwane, ni bhekisise aba hamba kanjalo, njengokuba ni nati si isibonelo kini. 18 Ngokuba abaningi ba ya hamba, engi ni tshele futifuti ngabo, na manje ngi ni tshela ngi kala, ukuti ba izita zesipambano si ka Kristu: 19 abakupela kwabo ngukubujiswa, abankulunkulu wabo u yisisu, nabaludumo lwabo lu sehlazweni labo, aba naka okwomhlaba. 20 Ngokuba tina ikiti li sezulwini; lapo si lindele ukuba ku vele kona uMsindisi, iNkosi uJesu Kristu: 21 o ya kuguqula isimo somzimba wokutotshiswa kwetu, u fuze umzimba wobukosi bake, ngokwokusebenza a namandhla ngako ukuhlela konke pansi kwake.

4 Njaloke, bazalwane bami abatandekayo nabalangazelelwayo, ntokozo yami nomqele wami, yimani kanjalo ni qine eNkosini, batandwa bami.

2 Ngi ya m yala uOdiya, ngi ya m yala noSintike, ukuba ba be nokuqonda kunye eNkosini. 3 Yebo, ngi ya ku nxusa nawe, ongu mana wami o qoto, ba size lab'abesifazana, loku ba bambisana nami evangelini, kanye noKlemente, nabanye aba izisebenzi kanye nami abamagama abo a sencwadini yokupila.

4 Tokozani eNkosini njalonjalo: ngi buya ngi ti, Tokozani. 5 Inyewe yenu a yaziwe abantu bonke. INkosi i seduze. 6 Ni nga piseki nga luto; kepa kuko konke ngokutandaza na ngokunxusa kanye nokubonga izicelo zenu a zaziswe ku Nkulunkulu. 7 Ukutula ku ka Nkulunkulu oku dhlula ukuqonda konke, ku ya kulinda izinhliziyo zenu nemicabango yenu ku Kristu Jesu.

8 Elokugcina, bazalwane, konke oku iqiniso, konke okuzotileyo, konke okulungileyo, konke okucwebileyo, konke okutandekayo, konke okutusekayo; uma ku kona isitonga, uma ku kona ukubatshazwa, zindhlani nga lezi zinto. 9 Enakufundayo nena-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kwamkelayo nenakuzwayo nenakubonayo kimina, kwenzeni loko: uNkulunkulu wokutula u ya kuba nanike.

10 Kepake ngi ya tokoza eNkosini kakulu, ngokuba kaloku se ni ze na hlumisa ukunginakekela kwenu: e be ni ngi nakekela ngako kambe, kepa a na ba natuba. 11 Ku nge siko ukuti ngi kuluma mayelana nokuswela: ngokuba ngi fundile ukuba ku loko kuma engi yiko ng'anele. 12 Ngi ya kwazi ukushona, ngi ya kwazi nokuceba: kuko konke na sezintweni zonke ngi twasisiwe ekusuteni na sekulambeni, ekucebeni na sekusweleni. 13 Ngi nga kwenza konke ngaye o ng'enza amandhla. 14 Noko n'enza kahle ngokuhlanganyela nami ekukatazekeni kwami. 15 Ni y'azi futi nani baseFilipi, ukuti ekuqaleni kwevangeli, ekupumeni kwami eMakedoniya, kwa ku ngeko bandhla n'eli lodwa ela hlanganyela nami endabeni yokupa nokwamkela yinina nodwa kupela; 16 ngoba na seTesalonika na tuma kanye na kabili ngokuswela kwami. 17 A ku siko ukuti ngi funa ukupiwa; kodwa ngi funa isitelo esi ya kwandela nina endabeni. 18 Kodwa ngi nako konke, ngi cebile: ngi gcwele, ngamkeliswe uEpafroditu izinto eza vela kinina, ipunga lolwasi olumnandi, umhlatshelo owamkelekayo, oyolileyo ku Nkulunkulu. 19 UNkulunkulu wami u ya kugcwalisa konke ukuswela kwenu ngokwengcebo yake ebukosini ku Kristu Jesu. 20 Ku Nkulunkulu uBaba wetu a ku be udumo ku ze ku be nini na nini. Amen.

21 Konzani kubo bonke abangcwele aba ku Kristu Jesu. Abazalwane aba nami ba konza kinina. 22 Abangcwele bonke ba ya konza kinina, ikakulu abendhlu ka Kesari.

23 Umusa weNkosi uJesu Kristu a u be nomoya wenu.

INCWADI KA PAULE KWABA

SEKOLOSE

Ukubingelela. U bonga ngabo.

1 UPaule, umpostoli ka Kristu Jesu ngentando ka Nkulunkulu, noTimote umzalwane wetu. 2 kubo abangcwele nabazalwane abatembekayo aba ku Kristu aba seKolose: A ku be kinina umusa nokutula oku vela ku Nkulunkulu uBaba wetu.

3 Si bonga uNkulunkulu uYise weNkosi yetu uJesu Kristu, si ni tandazela njalonjalo, 4 loku si zwile ngokukolwa kwenu ku Kristu Jesu, na ngotando eni nalo kwabangcwele bonke, 5 ngenxa yetemba enilibekelweyo emazulwini, ena lizwa ngapambili ngezwi leqiniso levangeli, 6 eli kona kinina; njengokuba li kona na semhlabeni wonke li tela izitelo l'anda, njengokuba li njalo na kinina, ku sukela osukwini en'ezwa ngalo nazi umusa ka Nkulunkulu ngeqiniso; 7 njengokuba na funda ku Epafra inceku kanye nati etandekayo, o isikonzi esitembekayo si ka Kristu ngenxa yetu, 8 oyena futi wa si tshenisa ngotando lwenu olu ngaye uMoya.

9 Ngaloku nati, ku sukela osukwini es'ezwa ngalo, a si yeki ukunitandazela nokunicelela, ukuba ni gcwaliswe ukwazisisa intando yake kuko konke ukuhlakanipa nokuqonda oku ngokwomoya, 10 ukuze ni hambe ngokufanele iNkosi, ni ze ni yi tokozise kuko konke, ni tela izitelo kuyo yonke imisebenzi elungileyo, n'anda ekumazisiseni uNkulunkulu; 11 nenziwa amandhla ngamandhla onke ngokwobuqwaga bobukosi bake, ni ze

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ni be nokukutazela konke nokubekezela kanye nokutokoza; 12 ni bonga uYise os'enze sa linganwa ukwabelwa ifa labangcwele ekukanyeni; 13 owa si hlangulisa emandhleni obumnyama, wa si beka embusweni weNdodana yotando lwake; 14 esi nokuhlengwa ngayo, ukutetelelwa kwezono zetu: 15 e ngumfanekiso ka Nkulunkulu o nge na kubonwa, izibulo kuko konke okudaliweyo; 16 ngokuba kwa dalelwa kuyo konke oku semazulwini noku semhlabeni, konke okubonwayo noku nge na kubonwa, nokuba ku izihlalo zobukosi nokuba ku imibuso nokuba okobukulu nokuba okwamandhla; konke ku dalwe ngayo, ku dalelwe yona: 17 yona i ngapambili kwako konke, konke ku mi ku hlangene kuyo. 18 Yona i yinhloko yomzimba, lona ibandhla: e ngukuqala, e lizibulo kwabafileyo; ukuze ezintweni zonke i be pambili. 19 Ngokuba kwa ba kuhle ku Yise ukuba ku hlale kuyo ukugcwala konke; 20 ku ti ngayo enze ku buyisane naye konke, e kwenzile ukutula ngegazi lesipambano sayo; ngi sho ngayo nokuba oku semhlabeni, nokuba oku semazulwini. 21 Nani e kade ni ngaba semzini ni izita engqondweni yenu ngemisebenzi yenu emibi, 22 noko kaloku i n'enze na buyisana ngomzimba wenyama yayo ngako ukufa ukuba a ni mise ni ngcwele, ni nge na sici, ni nge na kumangaleleka pambi kwake: 23 uma kambe ni hlala ekukolweni, ni sekelwe ni gxilile, ni nga gudhluzwa etembeni levangeli enalizwayo, ela shunyayelwa kulo lonke elidaliweyo eli ngapansi kwezulu; eng'enziwa isikonzi salo mina Paule.

24 Kaloku ngi ya tokoza ezinhlupekweni zami ngenxa yenu, ngi gcwalisa ngokwami okusileleyo kwezinkatazo zi ka Kristu enyameni yami ngenxa yomzimba wake, o ibandhla; 25 eng'enziwa isikonzi salo ngokwobunceku obu vela ku Nkulunkulu enga nikwa bona nga kinina, ukuba ngi l'enze li gcwale izwi li ka Nkulunkulu, 26 yona imfihlakalo e bi fihliwe iloku kwa qala izikati nezizukulwane: kepa kaloku i bonakalisiwe kwabangcwele bake, 27 uNkulunkulua tanda ukub'azisa ukuti i yini ingcebo yobukosi ba le mfihlakalo pakati kwabezizwe, e nguKristu pakati kwenu, itemba lokuba no ba nobukosi: 28 esimmemezelayo si luleka abantu bonke si fundisa abantu bonke ngokuhlakanipa konke, ukuze si mise abantu bonke ba pelele ku Kristu; 29 ekona ngi ku kandhlekelayo futi, ngi gwanqa ngokokusebenza kwake okusebenzayo kimi ngamandhla.

2 Ngoba ngi ya tanda ukuba n'azi ukuti ku ngakanani ukugwanqa engi nako ngenxa yenu, na ngenxa yaba seLaodikiya, na ngenxa yabo bonke aba nga bonanga ubuso bami enyameni; 2 ukuze izinhliziyo zabo zi vuseleleke, be tiwa twaxa otandweni, ba ze ba be nemfuyo yonke yetemba eligcweleyo yokuqonda, b'azisise imfihlakalo ka Nkulunkulu, e nguKristu, 3 oku fihlwe kuye ingcebo yonke yokuhlakanipa neyokwazi. 4 Ngi sho loku, ukuze ni nga hungwa muntu ngamazwi ayengayo. 5 Ngoba noma ngi ngeko ngenyama, kantike ngi kona nani ngomoya, ngi tokoza ngi bona ukuhleleka kwenu, nokuqina kwokukolwa kwenu ku Kristu.

6 Ngakoke njengokuba n'amkela uKristu Jesu iNkosi, hambani ke kuye, 7 ni gxilile n'akelwe kuye, ni zinziswe ekukolweni kwenu, njengokuba na fundiswa, ni vame ukubonga.

8 Xwayani funa ku be kona onitumbayo ngokuhlakanipa okutile kwake nenkohliso e'yize, ngokwesikoti labantu, ngokwezifundiso zomhlaba ezi iziqalo, ku nge ngoku ka Kristu: 9 ngokuba kuye ku hlezi ukugcwala konke kwobuNkulunkulu bu nomzimba, 10 futi ni gcwalisiwe kuye o yinhloko yabo bonke ubukulu namandhla: 11 oyena futi ena soka kuye ngokusoka oku ng'enziwanga ngezandhla, ngokukumula umzimba wenyama, ngokusoka ku ka Kristu; 12 ni mbelwe kanye naye ngokuba-

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

patizwa, okona na vuswa ngako kanye naye futi ngokukolwa ukusebenza ku ka Nkulunkulu, owa m vusa kwabafileyo. 13 Nanike ni file nje ngenxa yezipambuko zenu na ngenxa yokungasoki kwenyama yenu, ninake, wa n'enza na pila kanye naye, e se si tetelele zonke izipambuko zetu; 14 e se hlangule incwadi yesibopo e bi lotshiwe ezimisweni, yalana nati, i melene nati, u yi susile wa yi dedisa, e yi betela esipambanweni; 15 e s'apucile ubukulu namandhla, wa ku tel'ihlazo obala e halalisela ukubanqoba kwake ngaso.

16 Ngakoke a ku nga biko muntu onahlulelayo ngokudhla, na ngokupuza, na ngoku mayelana nomkosi na ngokutwasa kwenyanga na ngesabata: 17 oku isitunzi sa loko o be ku za kuza, kepa umzimba u ngo ka Kristu. 18 A ku nga biko muntu o ni lahlekelisa ihxomelo ngokuzitobisa ngokutanda kwake na ngokukuleka ezingelosini, e gaba nga loko akubonileyo, e kukunyezwa ngeze ngengqondo yake yenyama, 19 e nga bambelele ko inHloko, okwelekelwa uye umzimba wonke, u tiwe twaxa ngamalunga nemisipa, u kula ngokukulisa ku ka Nkulunkulu.

20 Uma na fa kanye noKristu ezifundisweni zomhlaba ezi iziqalo, yini ukuba, ngokungati ni pila emhlabeni, ni tobele izimiso zokuti, 21 Musa ukupata, nokuzwa ngolimi, nokutinta 22 (oku za kububa konke ngokusetshenziswa kwako), ngokweziyalezelo nezifundiso zabantu na? 23 Izinto ezi negama kambe lokuhlakanipa ekukulekeni ngokuzibonela, na ngokuzitoba, na ngokukahla umzimba; kepa zi nga sizi luto ukutiya ukuzitika kwenyama.

3 Umake na vuswa kanye noKristu, funani okwa pezulu, lapo e kona uKristu, e hlezi nga kwesokunene si ka Nkulunkulu. 2 Nakani okwa pezulu, ni nga naki oku semhlabeni. 3 Ngoba na fa, ukupila kwenu ku fihliwe noKristu ku Nkulunkulu. 4 Nxa e bonakaliswa uKristu o ngukupila kwetu, konake nani ni ya kubonakaliswa kanye naye ebukosini.

5 Ngakoke bulalani izito zenu ezi semhlabeni: ubufebe, nokungcola, nokuhuheka, nokukanuka okubi, nokufisa, oku ukukonza izitombe; 6 izinto oku za ngazo ulaka lu ka Nkulunkulu pezu kwamadodana okungalaleli: 7 e kade na ni hamba kuzo nani, lapo na ni sa hlezi kuko; 8 kepa kaloku nani zilahleni zonke lezi: ulaka, nokufuteka, nefundululu, nokuhlambalaza, nokukuluma oku izinhloni emlonyeni wenu: 9 ni nga qamb'amanga omunye komunye; loku ni kumulile umuntu omdala kanye nezenzo zake, 10 n'embata omusha, owenziwa musha a ze a be nokwazisisa ngokomfanekiso wa lowo owamdalayo: 11 lapo ku nge be kona umGreki nomJuda, ukusoka nokungasoki, umbabari nomSitiya, isigqili nokululekileyo; kanti uKristu u yiko konke, u kubo bonke.

12 Ngakoke yambatani njengabaketiweyo ba ka Nkulunkulu, abangcwele nabatandekayo, imibilini yobubele, nokuva, nokutobeka, nobunene, nenyewe; 13 ni bekezelane, ni tetelelane, uma umuntu e nensolo na kubani; njengokuba neNkosi ya ni tetelela, yenzani njaloke nani: 14 kepa pezu kwako konke loku, yambatani utando, olu isibopo sokupeleleyo. 15 Ukutula ku ka Kristu ma ku buse ezinhliziyweni zenu, ena bizelwa kuko mzimbeni munye; ni be nokubonga. 16 Izwi li ka Kristu ma li hlale pakati kwenu ngokwengcebo; ngokuhlakanipa konke ni fundisane ni lulekane ngamahubo namagama nezingoma zomoya, ni hlabelela ni qutshwa umusa ezinhliziyweni zenu ku Nkulunkulu. 17 Konke enikwenzayo, noma ku ngezwi noma ku ngomsebenzi, kwenzeni konke ngegama leNkosi uJesu, ni bonga uNkulunkulu uYise ngayo.

18 Bafazi, tobelani amadoda enu, njengokufaneleyo eNkosini. 19 Madoda, tandani omkenu, ni nga bi nonya kubo. 20 Bantwana, lalelani

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

abazali benu ezintweni zonke, ngokuba loko ku kolekile eNkosini. **21** Boyise, ni nga cunuli abantwana benu, ukuze ba nga dani. **22** Zigqili, lalelani ezintweni zonke labo aba ngamakosi enu ngokwenyama; ku nge ngokukonza ni bonwa, njeng'aba tokozisa abantu, ku be ngesiqondo senhliziyo, n'esaba iNkosi: **23** konke enikwenzayo, ku sebenzeni ngenhliziyo, kungati ku seNkosini, ku nge ku bantu nje; **24** n'azi ukuti ni ya kwamkeliswa iNkosi umvuzo wefa: ni konza iNkosi uKristu pela. **25** Ngoba lowo ow'enza ukungalungi u ya kuzuza ukungalungi akwenzileyo: a

4 kuko ukuketa ubuso. **1** Makosi, patani izigqili zenu ngokufaneleyo nokulingeneyo; n'azi ukuti nani ni neNkosi ezulwini.

2 Yenzani isineke ekutandazeni, ni linde kuko ni nokubonga; **3** kanye na lokoke ni si tandazele nati, ukuba uNkulunkulu a si vulele umnyango wezwi, ukuba si kulume imfihlakalo ka Kristu, engi boshwe ngayo; **4** ukuze ngi yi bonakalise njengokuba ngi melwe ukuba ngi kulume. **5** Hambani ngokuhlakanipa nga ku labo aba ngapandhle, ni tengisise isikati. **6** Ukukuluma kwenu a ku be nomusa njalo, ku yoliswe ngosaoti, ukuze n'azi eni melwe ukupendula ngako bonke ngabanye.

7 Okwami konke u ya kunazisa kona uTikiku, umzalwane otandekayo, isikonzi esitembekayo, inceku kanye nami eNkosini: **8** engi m tume kini ngako konaloku, ukuze n'azi izindaba zetu, a vuselele izinhliziyo zenu; **9** kanye noOnesimu, umzalwane otembekayo notandekayo, o ngomunye wenu. Ba ya kunazisa konke okwa lapa.

10 U ya konza kini uAristarko umtunjwa kanye nami, noMarko, umshana ka Barnaba (ena yalwa ngaye; uma eza kini, m amkeleni), **11** noJesu o tiwa uJusto, aba ngabokusoka: ilaba bodwa aba sebenzela kanye nami umbuso ka Nkulunkulu, abantu akade be isiduduzo kimi. **12** U ya konza kini uEpafra o ngomunye wenu, inceku ka Kristu Jesu, o ni gonyozela njalo emitandazweni yake ukuze ni me ni pelele ni netemba eligcweleyo entandweni yonke ka Nkulunkulu. **13** Ngoba ngi ya m fakazela ukuti u ni julukela kakulu nina, naba seLaodikiya, naba seHierapoli. **14** U ya konza kini uLuke, inyanga yokwelapa etandekayo, noDemas. **15** Konzani ku bazalwane aba seLaodikiya, na ku Numfasi, na sebandhleni eli sendhlini yake. **16** Nxa le ncwadi i si fundiwe pakati kwenu, n'enze ukuba i fundwe na sebandhleni laba seLaodikiya; nani ni funde leyo e vela eLaodikiya. **17** A no ti ku Arkipo, U z'u bheke inkonzo oy'amkeleyo e seNkosini ukuze u yi feze.

18 Iloku ukukonza kwami ngesandhla sami mina Paule. Kumbulani ukuboshwa kwami. Umusa a ube nani.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI YOKUQALA KA PAULE KWABA

SETESALONIKA

Ukubingelela. U ba kumbuza ngomsebenzi wake kubo.

1 UPaule, noSilvano, noTimote, kulo ibandhla laba seTesalonika eli ku Nkulunkulu uYise na seNkosini uJesu Kristu: A ku be kini umusa nokutula.

2 Si bonga uNkulunkulu njalo ngani nonke, si ni pata emitandazweni yetu; 3 si kumbula si nga pezi umsebenzi wenu wokukolwa nokukandhleka kwotando nokukutazela kwetemba eNkosini yetu uJesu Kristu, pambi ku ka Nkulunkulu uBaba wetu; 4 s'azi, bazalwane aba tandwa uNkulunkulu, ukuketwa kwenu, 5 ukuti ivangeli letu a li zanga kini ngezwi kupela, l'eza na ngamandhla, na ngoMoya oNgcwele, na ngetemba eligcweleyo kakulu; njengokuba ni y'azi ukuba sa be si abanjani pakati kwenu ngenxa yenu. 6 Na ba ngabalingisi betu nabeNkosi, se ni l'amkele izwi ni sekukatazekeni okukulu, ni nokutokoza ku ka Moya oNgcwele; 7 ngangoba na ba isibonelo kubo bonke abakolwayo eMakedoniya na seAkaya. 8 Ngokuba kinina ku dume izwi leNkosi, ku nge siko eMakedoniya na seAkaya kupela, na sezindaweni zonke inkolo yenu ku Nkulunkulu i pumele; ngangoba a si dingi ukukuluma luto. 9 Ngokuba bona ba landa ngati ukuti kwa ba njani ukungena kwetu kinina, nokupendukela kwenu ku Nkulunkulu ni shiya izitombe, ukuba ni konze uNkulunkulu opilayo oyenayena, 10 ni hlalele iNdodana yake e vela ezulwini, ayivusayo kwabafileyo, uJesu o si hlangulisa olakeni oluzayo.

2 Ngoba ni y'azi nina, bazalwane, ukungena kwetu kinina ukuti a ku banga lize: 2 kepa noma be si hlushiwe kuqala si patwe kabi eFilipi, njengokuba n'azi, sa qunga isibindi ngoNkulunkulu wetu ukukuluma kini ivangeli li ka Nkulunkulu ngokugonyoza okukulu. 3 Ngokuba ukulaya kwetu a ku siko okwokwedusa, nokokungcola, na ngobuqili: 4 kepa njengokuba si vivinyekile ku Nkulunkulu ukuba si patiswe ivangeli, si kuluma ngokunjaloke; si nga zikolekisi ku bantu, si zikolekisa ku Nkulunkulu o vivinya izinhliziyo zetu. 5 Ngokuba a si zanga si be namazwi okutopa nakanye, njengoba ni y'azi, a si zanga si be nokumbuluza kwokufisa, uNkulunkulu u ngufakazi; 6 si nga funi udumo ku bantu, na kinina na kwabanye, inganti be si namandhla okuba si ni sinde loku si ngabapostoli ba ka Kristu. 7 Kepa be si mnene pakati kwenu, njengomdhlezane onga abake abantwana: 8 njaloke, loku be si lumukela nina, sa ti kuhle ukuba si ni nike, ku nga bi ivangeli li ka Nkulunkulu kupela, si ni nike nemipefumulo yetu, ngokuba na se ni ngabatandekayo kitina. 9 Ngoba ni ya kumbula, bazalwane, ukukandhleka nokunyikanyikeka kwetu: si sebenza ubusuku nemini ukuze si nga sindi muntu kinina, sa shumayela kinina ivangeli li ka Nkulunkulu. 10 Nina ni ngofakazi, naye uNkulunkulu, bokuti ba ba ngakanani ubungcwele nokulunga nokungasoleki kwokuba kona kwetu kinina enikolwayo: 11 njengokuba n'azi ukunipata kwetu nonke ngabanye, njengoyise ku bantwana bake, si ni vuselela, si ni kuza si gomela, 12 ukuze ni hambe ngokufanele uNkulunkulu, o ni bizela embusweni na sebukosini bake.

13 Nga loku futi si bonga uNkulunkulu si nga pezi, ukuba lapo na tata kitina izwi lodaba, lona li ka Nkulunkulu, na l'amkela li nge silo izwi labantu, kepa njenga loko eli yikona ngeqiniso, na l'amkela li izwi li ka Nkulunkulu, elona futi li sebenza pakati kwenu nina enikolwayo. 14 Ngokuba nina, bazalwane, na ba nga-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

balingisi bamabandhla ka Nkulunkulu a seJudiya a ku Kristu Jesu: ngokuba nani na hlushwa abesizwe sa kini ngako konaloko, a hlushwa ngako abaJuda; 15 aba bulala iNkosi uJesu nabaprofeti, ba si xosha nati, be nga m tokozisi uNkulunkulu, be melana nabantu bonke; 16 be si nqabela ukuba si kulume kwabezizwe ukuze ba sindiswe; ukugcwalisa izono zabo njalo: kepa ulaka lu ba fikele ngokupeleleyo.

17 Kepa tina, bazalwane, s'ahlukanisiwe nje nani isikashana ngobuso, ku nge ngenhliziyo, kwa ba ikona si kutalela kakulu ukubona ubuso benu ngokunxanela okukulu: 18 ngoba be si tanda ukuza kini, mina Paule kanye na kabili; kepa uSatane wa si tiya. 19 Ngokuba li yini itemba letu, nokuba ukutokoza, nokuba umqele wokuzigabisa? A ku inina pambi kweNkosi yetu uJesu ekufikeni kwake na? 20 Ngoba nina ni ngudumo lwetu nokutokoza kwetu.

3 Ngalokoke si nga se na kubamb'inyewe, sa ti kuhle ukuba si shiywe sodwa eAtene; 2 sa tuma uTimote, umzalwane wetu, isikonzi si ka Nkulunkulu evangelini li ka Kristu, ukuba a ni simamise, a ni vuselele mayelana nokukolwa kwenu; 3 ku nga nyakaziswa muntu nga lezi zinkatazo; ngokuba ni y'azi nina ukuti si miselwe loku. 4 Ngoba pela nxa si se kona kinina sa ni tshela pambili ukuti si ya kukatazwa; njengokuba kwenzeka, nani ni y'azi. 5 Nga loko nami, lapo ngi nga se na ku bamb'inyewe, nga tumela ukuba ngi kwazi ukukolwa kwenu, funa mhlaumbe ngabe umyengi u ni yengile, ukukandhleka kwetu ku be ize. 6 Kepa kaloku, uTimote e se fikile nje kitina e vela kini, e si bikela izindaba ezinhle zokukolwa notando lwenu, nokuti ni si kumbula kahle njalo, ni langazelela ukusibona, njengaloku nati si langazelela ukunibona; 7 nga loko, bazalwane, sa duduzeka ngani kuko konke ukuxakeka nokukatazeka kwetu ngokukolwa kwenu: 8 ngokuba se si ya pila, uma nina ni mi ni qinile eNkosini. 9 Ngokuba si nga buyisela ku Nkulunkulu kubonga kuni ngani, ngokutokoza konke esi tokoza ngako ngenxa yenu pambi ku ka Nkulunkulu wetu; 10 ubusuku nemini si nxusa kakulu ukuba si bone ubuso benu, si pelelise okusileleyo ekukolweni kwenu na?

11 Wa nga uNkulunkulu uqobo uBaba wetu, neNkosi yetu uJesu, a nga qondisa ntse indhlela yetu yokuza kini: 12 ya nga iNkosi i ng'enza ukuba n'ande ni cicime utando omunye komunye na ku bantu bonke, njengaloku si njalo nati kinina; 13 ukuze i simamise izinhliziyo zenu zi nga bi na kusoleka ebungcweleni pambi ku ka Nkulunkulu uBaba wetu, ekufikeni kweNkosi yetu uJesu kanye nabangcwele bonke bake.

4 Elokugcinake, bazalwane, si ya ni nxusa si ni vuselela eNkosini uJesu, ukuba, njengaloku n'amkeliswa itina okokuba ni melwe ukuhamba kanjani ni tokozise uNkulunkulu, njengaloku ni hamba nje,—ni vame nokuvama loko. 2 Ngokuba ni ya y'azi imiyalo esa ni nika yona ngayo iNkosi uJesu. 3 Ngoba intando ka Nkulunkulu yiloku, ukungcweliswa kwenu ukuba ni dede ebufebeni; 4 ukuba ku be ilowo kini azi ukuzuza esake isitsha ngobungcwele na ngokutuseka, 5 ku nge ngokuhuheka kwenkanuko, njengabezizwe abangamaziyo uNkulunkulu; 6 ukuba ku nga biko noyedwa owonayo a pambe umfo wabo ku le nto: ngokuba iNkosi i ngumpindiseli kuko konke loku, njengokuba sa ni tshela pambili sa gomela. 7 Ngokuba uNkulunkulu ka si bizelanga ukuba si ngcole, u si bizele ebungcweleni. 8 Ngakoke onqabayo, ka nqabi umuntu, u nqaba uNkulunkulu o ni nika uMoya wake oNgcwele.

9 Kepa ngotando lobuzalwane a ni swele ukuba umuntu a ni lobele: ngokuba nina ngokwenu ni fundiswa uNkulunkulu ukuba ni tandane; 10 ngoba bala ni kwenza kubo bonke abazalwane aba kwelaseMakedoniya lonke. Kepa si ya ni vuselela, baza-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lwane, ukuba ni vame nokuvama; 11 nokuba ni copelele ukuba ni zole, nenze oku qondene nani, ni sebenze ngezandhla zenu, njengaloko esa ni yala ngako; 12 ukuze ni hambe ngokufaneleyo nga ku labo aba ngapandhle, ni nga sweli luto.

13 Kepa a si tandi ukuba ni ng'azi, bazalwane, nga se ba lala; ukuze ni nga dabuki njengabanye aba nge na temba. 14 Ngoba, uma si kolwa ukuti uJesu wa fa wa buya wa vuka, ngokunjaloke nabaleleyo be ku Jesu uNkulunkulu u ya kubaleta kanye naye. 15 Ngoba loku si ku sho kini ngezwi leNkosi, ukuti tina esi se kona, si sele ku ze ku be sekufikeni kweNkosi, a si yi kwandulela neze abaleleyo. 16 Ngokuba iNkosi uqobo i ya kwehla ezulwini ngokukuza, ngezwi lengelosi enkulu, na ngecilongo li ka Nkulunkulu: bo ti abafileyo be ku Kristu ba vuke kuqala. 17 and'uba tina esi se kona, si sa sele, si hlwitwe kanye nabo emafwini, ukuhlangabeza iNkosi emkatini wezulu: ku njaloke si ya kuba kanye nayo iNkosi njalonjalo. 18 Ngakoke duduzanani nga la mazwi.

5 Kepake ngezikati na ngemizuzu, bazalwane, a ni swele ukuba ni lotshelwe luto. 2 Ngokuba n'azi kahle nina ukuti usuku lweNkosi njengesela ebusuku lu za ngokunjalo. 3 Nxa be ti, Ku ukutula nenhlalakahle, konake ukubujiswa okuzumayo ku ya ba fikela, njengenimba i fikela okulelweyo; a ba yi kupepa neze. 4 Kepa nina, bazalwane, a ni sebumnyameni, ukuba lolo suku lu ni fice njengesela: 5 ngokuba nina nonke ni ngamadodana okukanya, ni ngamadodana emini: a si sibo abobusuku nabobumnyama; 6 ngakoke a si nga lali njengabanye, kepa a si linde si zitibe. 7 Ngoba abalalayo ba lala ebusuku; nabadakwayo ba dakwa ebusuku. 8 Kepa tina, loku si ngabemini, a si zitibe, si fake ibantshi lensimbi lokukolwa notando; isigqoko si be itemba lokusindiswa. 9 Ngokuba uNkulunkulu ka si miselanga ulaka, u si misele ukuzuza ukusindiswa ngeNkosi yetu uJesu Kristu, 10 owasifelayo ukuze, noma si papeme noma si lele, si pile kanye naye. 11 Ngalokoke vuselanani, n'akane omunye omunye, njengenikwenzayo.

12 Kepa si ya ni nxusa, bazalwane, ukuba ni b'azi abakandhlekayo pakati kwenu, abemiyo pezu kwenu eNkosini, abanilulekayo; 13 ni b'azise ngokukulu kakulu ngotando ngenxa yomsebenzi wabo. Hlalani ngokutula pakati kwenu. 14 Si ya ni vuselela, bazalwane, lulekani aba hamba ngenhlanhlato, ni ba kuze abadanileyo, ni sekele aba butakataka, ni bekezele kubo bonke. 15 Qapelani ukuba ku nga biko o vuza okubi ngokubi noma ku bani; kepa jokani njalo okulungileyo omunye komunye, na kubo bonke. 16 Tokozani njalo; 17 tandazani ni nga pezi; 18 bongani izinto zonke: ngokuba loku ku intando ka Nkulunkulu ku Kristu Jesu ngani. 19 Ni nga cimi uMoya; 20 ni nga ku deleli ukuprofeta; 21 vivinyani izinto zonke: ni bambisise okuhle; 22 dedani kuzo zonke izinhlobo zokubi.

23 Wa nga uNkulunkulu wokutula yena uqobo a nga ni ngcwelisa ngokute ncimiji; wa nga u nga gcinwa u ti hlabahlosi umoya wenu nompefumulo nomzimba ku nga bi na kusoleka ekufikeni kweNkosiyetu uJesu Kristu. 24 U tembekile onibizayo, o yena e ya kukwenza futi.

25 Bazalwane, si tandazeleni.

26 Konzani ku bazalwane bonke ngokwanga okungcwele. 27 Ngi ya ni fungisa iNkosi ukuba le ncwadi i fundwe kubo bonke abazalwane.

28 Umusa weNkosi yetu Jesu Kristu ma u be nani.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

INCWADI YESIBILI KA PAULE KWABA

SETESALONIKA

Ukubingelela. Ku ya kuhlaluka owokwona and'uba ku buye iNkosi.

1 UPaule noSilvano, noTimote, kulo ibandhla laba seTesalonika eli ku Nkulunkulu uBaba wetu na seNkosini uJesu Kristu; 2 A ku be kini umusa nokutula oku vela ku Nkulunkulu uYise na seNkosini uJesu Kristu.

3 Si melwe ukubonga uNkulunkulu njalo ngani, bazalwane, njengoba ku fanele, ngokuba ukukolwa kwenu ku kula kakulu, ku vamile notando lwenu nonke ngabanye omunye komunye; 4 ngangoba nati ngokwetu si zigabisa ngani emabandhleni ka Nkulunkulu ngenxa yokukutazela nokukolwa kwenu ekuzingelweni konke kwenu na sekukatazekeni eni bekezela kuko; 5 oku isibonakaliso sokwahlulela okulungileyo ku ka Nkulunkulu; ukuze ku tiwe ni fanele umbuso ka Nkulunkulu eni hlupekela wona: 6 uma kambe ku into elungileyo ku Nkulunkulu ukuvuza ngokuhlupeka abanihlupayo, 7 ninake enihlupekayo a ni vuze ngokupumula kanye nati, ekuhlalukeni kweNkosi uJesu i vela ezulwini kanye nezingelosi zamandhla ayo, emlilweni olanguzelayo, 8 i pindisa kwabangamaziyo uNkulunkulu, na kwaba nga laleli ivangeli leNkosi yetu uJesu: 9 aba za kuzwiswa isijeziso, ukubujiswa okumiyo njalo ba nga biko ebusweni beNkosi, na sebukosini bobuqwaga bayo, 10 nxa i si fika ukuba i dunyiswe kwabangcwele bayo, ba mangale ngayo abakolwayo bonke (ngokuba ubufakazi betu kinina na kolwa yibo) nga lowo mhla. 11 Oku ngako si ni tandazela njalo, ukuze uNkulunkulu wetu a ti ni fanele ukubizwa kwenu, a gcwalise ngamandhla konke enikwenamelayo kwokuva nomsebenzi wonke wokukolwa; 12 ukuze igama leNkosi yetu uJesu li dunyiswe kinina, nani ku yena, ngokwomusa ka Nkulunkulu wetu neNkosi uJesu Kristu.

2 Kepa si ya ni nxusa, bazalwane, mayelana nokufika kweNkosi yetu uJesu Kristu, nokubutanela kwetu kuyo; 2 ukuba ni nga sheshi ni nyakaziswe ni suke emqondweni wenu, ni nga bi na vuso, noma ngomoya, noma ngezwi, noma ngencwadi, ngokungati i vela kitina, kungati usuku lweNkosi lwengeme; 3 a ni nga kohliswa muntu ngandawo: ngokuba a lu yi kufika, ku nga ka fiki kuqala ukuhlamuka loko, a hlalukiswe umuntu wokwona, indodana yokubujiswa, 4 o yimpi ozikukumezayo nga kuko konke oku tiwa ku uNkulunkulu noku kulekwa kuko; a ze a hlale yena etempelini li ka Nkulunkulu, e ziveza ngokuti u nguNkulunkulu. 5 A ni kumbuli yini ukuti ngi se kona kinina, nga ni tshela lezi zinto? 6 Se ni y'azi okubambezelayo, ukuze a hlalukiswe ngenkati yake. 7 Ngokuba imfihlakalo yoku pambene nomteto i si sebenza: kodwa ku kona obambezelayo manje, a ze a dediswe. 8 A be se hlalukiswa lowo o nge na mteto, e ya kumbulala iNkosi uJesu ngomoya womlomo wayo, i m shabalalise ngokubonakala kwokufika kwayo; 9 lowo okufika kwake ku ngokwokusebenza ku ka Satane ngamandhla onke na ngezibonakaliso nezimangaliso zamanga, 10 na ngokukohlisa konke kwokungalungi kwababubayo; ngenxa yokuba be ng'amkelanga utando lweqiniso, ukuze ba sindiswe. 11 Nga loku uNkulunkulu u ya ba tumela oku sebenza ngokwedusa, ba ze ba kolwe amanga: 12 ukuze bahlulelwe bonke aba nga kolwanga iqiniso, kepa b'enamela ukungalungi.

13 Kepa tina si melwe ukubonga uNkulunkulu njalo ngani, bazalwane aba tandwa yiNkosi, ngokuba kwa sekuqaleni uNkulunkulu wa ni ketela ukusindiswa ngokungcwelisa ku ka Moya na ngokukolwa iqiniso: 14 a ni

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

bizela kuko ngevangeli letu, ni ze ni zuze ubukosi beNkosi yetu uJesu Kristu. 15 Ngakoke, bazalwane, yimani ni qinile, ni bambelele kuwo amasikoti enawafundiswayo, nokuba ku ngezwi, nokuba ku ngencwadi yetu.

16 UJesu Kristu iNkosi yetuke, yena, noNkulunkulu uBaba wetu owa si tanda wa si nika ngomusa ukududuzeka okumiyo njalo netemba elihle, 17 ka duduze izinhliziyo zenu a zi simamise emisebenzini yonke na semazwini onke alungileyo,

3 Elokugcina, bazalwane, si tandazeleni, ukuze izwi leNkosi li gijime li dunyiswe, njengokuba li njalo na kinina; 2 nokuba si hlanguliswe ku bantu aba ngamadhlanyazi nababi; ngokuba a ku sibo bonke aba nokukolwa. 3 Kepa iNkosi i tembekile e za kunisimamisa, i ni londe komubi. 4 Si tembela eNkosini ngani si ti loku esi ni yala ngako ni ya kwenza, ni za kukwenza. 5 Ya nga iNkosi i nga qondisa ntse izinhliziyo zenu otandweni lu ka Nkulunkulu, na sekukutazeleni ku ka Kristu.

6 Si ya ni yalake, bazalwane, ngegama leNkosi yetu uJesu Kristu, ukuba ni monyuke ku bazalwane bonke aba hamba ngenhlanhlato, be nga hambi ngesikoti aba l'amkeliswa itina. 7 Ngoba ni y'azi nina okokuba ni melwe ukusilingisa tina kanjani: ngokuba a si hlanhlatanga pakati kwenu; 8 a si dhlanga 'sinkwa sa muntu ngeze, sa dhla ngokukandhleka na ngokunyikanyikeka, si sebenza ubusuku nemini, ukuze si nga sindi muntu kinina: 9 ku nge ngoba si nge nalo ilungelo, senzela ukuba si be isibonelo kinina, ni ze ni si lingise. 10 Ngoba na nxa si se nani, sa ni yala nga loku, ukuti, Uma umuntu e nga vumi ukusebenza, a ka nga dhli. 11 Ngoba si zwa ukuti ba kona aba hamba ngenhlanhlato pakati kwenu, be nga sebenzi neze, kepa be ngongaxamabutweni. 12 Abanjaloke si ya ba yala si ba vuselela ngeNkosi uJesu Kristu ukuba ba sebenze ngokuzola, ba dhle esabo isinkwa. 13 Kepa nina, bazalwane, ni nga dangali ekwenzeni okulungileyo. 14 Umake e kona o nga laleli izwi letu nga le ncwadi, m pauleni lowo, ni nga bi umdibikanye naye, a ze a be namahloni. 15 Kodwake ni nga m shayi isita, ni m luleke njengomzalwane.

16 Ya nga iNkosi yokutula uqobo lwayo i nga ni nika ukutula ngezikati zonke ngezindhlela zonke. INkosi ma i be nani nonke.

17 Naku ukukonza kwami mina Paule ngesami isandhla, esi isibonakaliso ezincwadini zonke: ku njalo ukuloba kwami. 18 Umusa weNkosi yetu uJesu Kristu a u be nani nonke.

INCWADI YOKUQALA KA PAULE KU

TIMOTE

U ya bingelela

1 UPaule, umpostoli ka Kristu Jesu ngokwomyalo ka Nkulunkulu umSindisi wetu, noKristu Jesu itemba letu; 2 ku Timote, umntanami ngesimiya ekukolweni: A ku be umusa, nesihau, nokutula oku vela ku Nkulunkulu uYise na ku Kristu Jesu iNkosi yetu.

3 Njengokuba nga ku ncenga ukuba ke u hlale eEfesu, ngi sa ya eMakedoniya, ukuze u ba yale abatile ba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukupatwa kabi kwomteto. Ukutandazela ababusi.

nga fundisi imfundiso imbe, 4 ba nga naki izinganekwane nezindaba zeminyango yokuzalwa, ezi indendende, ezi banga ukubuzana kunokuba zi veze ubunceku obu ngobu ka Nkulunkuku obu ngokukolwa; ngenza njalo namanje. 5 Kepa oku hloswe ngawo umyalo ku utando olu vela enhliziyweni ehlambululekileyo na ku nembeza omuhle na sekukolweni oku nge nakuzenzisa: 6 aba te abanye be papalazile ku loko ba cezukela ekubedeni; 7 be funa ukuba ba be abafundisi bomteto, nakuba be nga qondi abakushoyo, naba gamela ngako. 8 Kepa si y'azi ukuti umteto muhle, uma umuntu e wu sebenzisa ngokomteto, 9 e kwazi loku, ukuti umteto a u miselwe olungileyo, u miselwa aba nge na mteto namahlongandhlebe, aba nga hlonipi uNkulunkulu nezoni, izixwala nabadumazayo, aba shaya oyise naba shaya onina, naba bulala abantu, 10 nezifebe, nabenza ubunkotshane, naba ntshontsha abantu, naba namanga, naba fungela amanga, nokunye uma nga be ku kona oku pambene nokufundisa oku te mwe; 11 ngokwevangeli lobukosi bu ka Nkulunkulu obusisekileyo, enga patiswa lona.

12 Ngi nokubonga kuye owa ng'enza amandhla, uKristu Jesu iNkosi yetu, ngokuba wa ti ngi ngotembekileyo, e ngi misa enkonzweni yake; 13 noma kade ngi ngohlambalazayo, nozingelayo, n'opata kabi: kantike nga haukelwa, ngokuba nga kwenza ngokungazi ngi sekungakolweni; 14 umusa weNkosi yetu wa vama kakulu kanye nokukolwa notando olu nga ku Kristu Jesu. 15 Li tembekile leli zwi, li fanele ukwamkelwa du, lokuti uKristu Jesu w'eza emhlabeni ukusindisa izoni; engi esikulu kuzo: 16 kantike nga haukelwa nga loku, ukuze kimina ngi omkulu nje uJesu Kristu a bonakalise konke ukubekezela kwake, ngi be isibonelo kwaba za kukolwa uye ba be nokupila okumiyo njalo. 17 Kuyo iNkosi ya pakade, engabubiyo, e nge na kubonwa, uNkulunkulu yedwa, a ku be ukutuswa nodumo ku ze ku be nini na nini. Amen.

18 Lo myalo ngi wu beka kuwe, Mntanami Timote, ngokwamazwi okuprofeta a holela kuwe ukuze u lwe ukulwa okuhle ngawo; 19 u bambe ukukolwa nonembeza omuhle; aba ti be ku ntshingile abanye b'apukelwa umkumbi mayelana nokukolwa: 20 aba ku bona uHumenio noAlesandro; engi ba yise ku Satan, ukuze ba laywe ukuba ba nga hlambalazi.

2 Ngakoke ngi ya ku vuselela kuqala kuko konke, ukuba ukunxusa, nokutandaza, nokutayizela, nokubonga, kwenzelwe abantu bonke; 2 amakosi nabo bonke aba sebukulwini; ukuze si pile impilo etulileyo nezolileyo ngako konke ukuhlonipa uNkulunkulu nesizota. 3 Loku kuhle ku y'amkeleka emehlweni ka Nkulunkulu umSindisi wetu; 4 o funa ukuba abantu bonke ba sindiswe, ba fike ekulazini iqiniso. 5 Ngokuba munye uNkulunkulu, munye nomLamuli pakati ku ka Nkulunkulu nabantu, yena e ngumuntu uKristu Jesu, 6 owa zinikela yena a be okwokuhlenga bonke; ubufakazi obu ya kufakazwa ngezikati zabo: 7 engamiswa ngi be umshumayeli nompostoli wabo (ngi kuluma iqiniso, a ngi qambi manga), umfundisi wabezizwe ekukolweni na seqinisweni.

8 Ngakoke ngi tanda ukuba amadoda a tandaze ezindaweni zonke, e pakamisa izandhla ezingcwele, e nge na lulaka nokupikisana. 9 Ngokunjaloke nabesifazana a ba zihlobise ngezingubo ezifaneleyo, ba be nokuhlonipa nokuzikuza; ku nga bi ngezinwele ezalukiweyo, na ngegolide na ngamaparele na ngezambato ezi nemali eningi, 10 a ku be (oku fanele abesifazana aba ti ba ngaba hlonipa uNkulunkulu) ngemisebenzi elungileyo. 11 Owesifazana ma ka funde e nokuzola e nokutoba konke. 12 Kepa a ngi m vumeli owesifazana a fundise, nokuba a be nesikundhla pezu kwendoda, kepa a ka be nokuzola. 13 Ngokuba uAdam wa bunjwa kuqala, kwa se ku bunjwa uEva; 14

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

futi uAdam ka kohliswanga, kepa owesifazana e kohliswa wa ba sekupambukeni: 15 kepake u ya kusindiswa ngokuzala abantwana, uma be hlala ekukolweni na sotandweni na sebungcweleni kanye nokuzikuza.

3 Li tembekile leli zwi, eli ti, Uma umuntu e langazelela ububonisi, u nxanela umsebenzi omuhle. 2 Ngakoke umbonisi u melwe ukuba a be o nge na kukonjelwa luto, indoda e mfazi munye, ezitibayo, ezikuzayo, e zipata ngokufaneleyo, e ngenisa kahle izihambi, enesu lokufundisa; 3 e nge silo ixwele lewayini, e nge siso isilwi; evileyo, e nga xabani, e nge siso isitandamali; 4 e busa kahle owayo umuzi, e yenza abantwana bayo ba yi tobele i nesizota sonke; 5 (kepa uma umuntu e nga kwazi ukubusa owake umuzi, a nga pata kanjani ibandhla li ka Nkulunkulu?) 6 a nga bi o sandu'kukolwa, funa ngokuvokomala a yele ekulahlweni kwomhlebi. 7 Ku melwe futi ukuba a be o nobufakazi obuhle kwaba ngapandhle; funa a yele esihlambeni na sogibeni lomhlebi. 8 Ngokunjalo namadikoni a be nesizota, a nga bi ndimimbili, a nga bi aba jija iwayini, a nga bi aba hahela inzuzo embi; 9 e bamba imfihlakalo yokukolwa e nonembeza ohlambululekileyo. 10 Na labake ma ba vivinywe kuqala; and'uba ba patiswe ubudikoni, nxa be nge na kubekwa cala la luto. 11 Ngokunjalo abesifazana ba be nesizota, ba nga bi abahlebayo, ba be abazitibayo, abatembekayo ezintweni zonke. 12 Amadikoni a ka be amadoda a 'bafazi ngabanye, e busa kahle abantwana bawo neyawo imizi. 13 Ngokuba aba konze kahle ngobudikoni ba zizuzela ukuma okuhle, nesibindi esikulu ekukolweni oku ku Kristu Jesu.

14 Ngi ku lobela lezi zinto, ng'etemba ukuza ku wena masinyane; 15 kepa uma ngi libala, ikona u ya kwazi ukuti ku melwe ukuba abantu ba hambe kanjani endhlini ka Nkulunkulu, e ibandhla li ka Nkulunkulu opilayo, insika nesisekelo seqiniso. 16 Ngoku nge na kupikwa inkulu imfihlakalo yokuhlonipa uNkulunkulu ukuti;

Yena owa bonakaliswa enyameni,
Wa tetwa emoyeni,
Wa bonwa izingelosi,
Wa shunyayelwa ezizweni,
Kwa kolwa kuye emhlabeni,
Wa kushulelwa pezulu ebukosini.

4 Kepa uMoya u sho e qanguza ukuti ngezikati zokugcina abanye ba ya kuhlubuka ekukolweni, be naka omoya abedukisayo nezifundiso zamademone, 2 ngokuzenzisa kwaba kuluma amanga, abashisiweyo konembeza babo sengati ngensimbi eshisayo; 3 be nqumisela ukuganana, be ti a ku zilwe ukudhla, akudalayo uNkulunkulu ukuba kwamkelwe ngokubonga ibo abakolwayo be l'azi iqiniso. 4 Ngokuba konke oku dalwe uNkulunkulu kuhle, a kuko okokulahlwa, uma kwamkelwa ngokubonga: 5 ngoba ku ngcweliswa ngezwi li ka Nkulunkulu na ngokutandaza.

6 Uma u beka ku bazalwane lezi zinto, u ya kuba isikonzi esihle si ka Kristu Jesu, w'ondhliwe ngamazwi okukolwa, nawemfundiso enhle oyilandeleyo ku ze ku be manje: 7 kepake izinganekwane ezidumazayo nezezalukazi wo z'ala wena. U zihlakahlise ekuhlonipeni uNkulunkulu: 8 ngokuba ukuhlakahlisa umzimba ku ya siza kancane; kepa ukuhlonipa uNkulunkulu ku ya siza ezintweni zonke, ku tembisa ukupila kwa manje na loko okuzayo. 9 Li tembekile leli zwi, li fanele ukwamkelwa du. 10 Ngako loku si ya kandhleka si gonyoza, ngokuba si tembele ku Nkulunkulu opilayo, o ngumSindisi wabantu bonke, ikakulu wabakolwayo. 11 Wo yala nga lezi zinto u fundise ngazo. 12 A ku nga delelwa muntu ubusha bako: kepa yiba isibonelo sabakolwayo, ngezwi, na ngenkambo, na ngotando, na ngokukolwa, na ngobumhlope. 13 Nakekela ukufunda nokulaya, nokufundisa, ngi ze ngi fike. 14 U nga debeseli isipiwo esi kuwe, owa si nikwa ngamazwi okuprofeta, kanye nokubekwa kwezandhla zomgwamanqa wamalunga.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U yalwa ngabafelwakazi, ngamalunga, na ngezigqili.

15 Nakashela lezi zinto; u be kuzo u
ti shi; ukuze ukuqubeka kwako ku
be sobala kubo bonke. 16 U ziqa-
pele wena, nokufundisa kwako. U
hlale ku lezi zinto; ngokuba ngo-
kwenza loku u ya kuzisindisa wena
nabakuzwayo.

5 U nga kaci indoda endala, kodwa
yi yale njengoyihlo; namasha
njengabafo wenu: 2 abesifazana aba-
dala njenga onyoko; abasha njenga
odade wenu, ngobumhlope bonke.
3 Yazisa abafelokazi aba ngabafelo-
kazi ngoqobo. 4 Kepa uma umfelo-
kazi e nabantwana noma e nabazuku-
lwana, a ba qale ba funde ukuhlonipa
indhlu ya kwabo, ba buyisele okwo-
kwenana ku bazali babo: ngokuba
loku ku y'amkeleka emehlweni ka
Nkulunkulu. 5 Yenake o ngu-
mfelokazi ngoqobo, e yimpundhle, u
tembele ku Nkulunkulu, u hlala
ekunxuseni na sekutandazeni ubusuku
nemini. 6 Kepa yena obunusayo wa
fa bume lowo. 7 U yale ngaloku
futi, ukuba ba nga bi nakukonjelwa
luto. 8 Kepa uma ku kona umuntu
o nga funeli aba kwake, ikakulu
abendhlu yake, u pikile ukukolwa,
mubi kunongakolwayo. 9 A ka nga
balwa ukuti umfelokazi o nge nayo
iminyaka e amashumi a isitupa, e be
umka ndodanye, 10 e ncomeka nge-
misebenzi emihle; uma ondhle aba-
ntwana, uma amkele izihambi, uma e
hlanze izinyawo zabangcwele, uma e
size abakatazekayo, uma e yi nxibile
yonke imisebenzi elungileyo. 11
Kepa abefelokazi abasha wo b'ala:
ngokuba nxa se be bensile nga ku
Kristu be tatwe inkanuko, ba ya
kufuna ukugana; 12 be nokulahlwa,
ngokuba be shafisile ukutembisa
kwabo kwakuqala. 13 Futike ba
funda nokuvilapa, be tantata izi-
ndhlu ngezindhlu; a ba vilapi kupela,
kepa ba ya feteza ba ngongaxama-
butweni, be kuluma oku nga fanele.
14 Ngakoke ngi ya tanda ukuba aba-
felokazi abasha ba gane, ba zale
abantwana, ba be ngabanikazimizi,
ba nga m niki oyimpi ituba lokutuka:
15 ngokuba na manje abanye se be
cezukile be landela uSatane. 16
Uma ku kona owesifazana okolwayo
o nabafelokazi, ma ka ba size, iba-
ndhla li nga sindwa; ukuze li ba size
aba ngabafelokazi ngoqobo.

17 Amalunga a busa kahle a ku
tiwe a fanele ukutuswa okupindi-
weyo, ikakulu lawo a kandhleka
ezwini na sekufundiseni. 18 Ngoba
umbhalo u ti, U nga yi faki inkabi
isifonyo lapo i bhula. Futi, Isise-
benzi si fanelwe inkokelo yaso. 19
Icala eli bekwa elungeni u nga l'a-
mkeli, ku nge nga ofakazi ababili noma
abatatu. 20 Abonayo wo ba sola
emehlweni abo bonke, ukuze nabanye
b'esabe. 21 Ngi gomela kuwe eme-
hlweni ka Nkulunkulu, noKristu Jesu,
nezingelosi eziketiweyo, ukuba u
londe lezi zinto u nga bi nanhlengo, u
ng'enzi luto ngokuvuna omunye ku-
nomunye. 22 U nga sheshi u beke
izandhla na kubani, u z'u nga hla-
nganyeli izono zabanye; zigcine u be
mhlope. 23 U nga be u sa puza
amanzi nje kepa puza iwayini eli
ingcozana, ngenxa yesisu sako noku-
gula kwako okuninginingi. 24 Izono
zabanye abantu zi sobala zi b'andu-
lela ekwahlulelweni; abanye zi ya ba
landela. 25 Ngokunjalo futi i kona
imisebenzi emihle e sobala: nayo e
nge njalo i nge siteke.

6 Bonke aba izigqili pansi kwejo-
kwe ma ba ti abaninizo ba fanele
ukutuswa du, ukuze igama li ka Nku-
lunkulu nemfundiso ku nga hlamba-
lazwa. 2 Naba nabaninizo abako-
lwayo, a ba nga ba deleli, ngokuba ba
ngabazalwane; kepa a ku be ikona be
ba konzayo, ngokuba ba ngabakolwa-
yo nabatandekayo bona aba dhlelana
umsebenzi omuhle. Wo fundisa lezi
zinto u vuselele ngazo.

3 Uma ku kona umuntu o fundisa
imfundiso imbe, e nga vumeli amazwi
a te mwe, a ngaweNkosi yetu uJesu
Kristu, nemfundiso e ngokwokuhlo-
nipa uNkulunkulu; 4 u vokomele, e
ng'azi luto, e lobalobela imibuzo no-
kupikisana ngamazwi, oku vela kuko
umona, nenkani, nokuhlambalaza,
nokupipiyela okubi, 5 nokukulumi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukupikisana nokutanda imali. U ya valelisa e busisa.

sana kwabantu abonakeleyo ngengqondo aba mukelwe iqiniso, be ti ukuhlonipa uNkulunkulu ku ya ngoba ku fuyisa. 6 Kepa bala ukuhlonipa uNkulunkulu ku ya fuyisa kakulu uma ku kanye nokwaneliseka: 7 ngoba a si zanga na luto emhlabeni, ku sobala ukuti si nge muke na luto; 8 kepa so ti si nokudhla nezambato saneliswe yiko. 9 Kepa aba hlosa ukuceba ba yela ekuyengweni na sogibeni na sezinkanukweni eziningi ezi ubuwula ezilimazayo, ezi zikisa abantu ekushabalalisweni na sekubujisweni. 10 Ngoba ukutanda ima li ku impande yako konke okubi: abanye ngokuyilangazelela b'edukile ekukolweni, ba zibokoda ngezinsizi eziningi.

11 Kepa wena, muntu ka Nkulunkulu, balekela lezi zinto; u joke ukulunga, nokuhlonipa uNkulunkulu, nokukolwa, notando, nokukutazela, nobunene. 12 Yilwa ukulwa okuhle kwokukolwa, u bambelele ekupileni okumiyo njalo, owa bizelwa kuko, wa vuma ukuvuma okuhle emehlweni ofakazi abaningi. 13 Ngi ya ku yala emehlweni ka Nkulunkulu o zi nika ukupila zonke izinto na semehlweni ka Kristu Jesu, owa fakaza ngokuvuma okuhle pambi ku ka Pontio Pilatu; 14 ukuba u gcine umyalo u nge na bala, u nge na kukonjelwa luto, ku ze ku be ukuhlaluka kweNkosi yetu uJesu Kristu: 15 a za kukuveza ngezako izikati o nguMandhlamakulu yedwa obongekayo, iNkosi yamakosi, nomBusi wababusi; 16 o nokungafi yena yedwa, e hlala ekukanyeni oku nge na kusondelwa kuko; o nga zanga a bonwe noyedwa wabantu, o nge bonwe: a ku be kuye ukutuswa namandhla amiyo njalo. Amen.

17 Ba yale abacebileyo ku leli zwe la manje, ukuba ba nga kukumali, ba nga tembeli engcebweni e nge na ngqikiti, kepa a b'etembele ku Nkulunkulu, o si nika konke ngokwengcebo si tokoze ngako; 18 ukuba b'enze okulungileyo, ba cebe emisebenzini emihle, ba be aba pana kahle, ab'abela ngobudhlelwane; 19 be zibekelelela okuzayo isisekelo esihle, ukuze ba bambe ukupila oku yiko ngoqobo.

20 O Timote, londa okubekiweyo kuwe, u gweme izinkulumo ezi uwangala ezidumazayo nokupikisana kwa loko oku bizwa ngokuti ukwazi ku nge siko; 21 okona abanye be ti ba nako ba papalaza ekukolweni.

Umusa a u be nani.

INCWADI YESIBILI KA PAULE KU

TIMOTE

U ya bingelela. Ma ka vutele isipo.

1 UPaule, umpostoli ka Kristu Jesu ngentando ka Nkulunkulu, ngokwesitembiso sokupila oku ku Kristu Jesu, 2 ku Timote, umntanami otandekayo: A ku be umusa, nesihau, nokutula oku vela ku Nkulunkulu uYise na ku Kristu Jesu iNkosi yetu.

3 Ngi nokubonga ku Nkulunkulu engimkonzayo ku sukela kokoko ngi nonembeza ohlambululekileyo, ngokukukumbula okungapeziyo engi nako ekunxuseni kwami, ubusuku nemini 4 ngi langazelela ukukubona, ngi kumbula izinyembezi zako, ukuze ngi gcwaliswe ukutokoza; 5 ngi kunjuzwa ukukolwa oku kuwe oku nge na kuzenzisa; okwa hlala kuqala ku nyokokulu uLoyisi, na ku nyoko uUnike; ngi ya kolwa ngi ti ku kona na kuwe. 6 Ngenxa ya lokoke ngi ku kumbuzela ukuba u vutele isipo si ka Nkulu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nkulu, esi kuwe ngokubekwa kwezandhla zami. 7 Ngoba uNkulunkulu a ka si nikanga umoya wobugwala; kepa wa si nika owamandhla nowotando nowokuzikuza. 8 Ngakoke u nga bi na zinhloni ngobufakazi ngeNkosi yetu, na ngami isiboshwa sayo: yizwa ubulukuni kanye nevangeli ngokwamandhla ka Nkulunkulu; 9 owasisindisayo, wa si biza ngokubiza okungcwele, ku nge ngokwemisebenzi yetu, kodwa ngokwecebo lake nomusa, esawupiwayo ku Kristu Jesu zi nga ka biko izikati za pakade, 10 kepa se u bonakalisiwe kaloku ngokuhlaluka kwomSindisi wetu uKristu Jesu, owa shabalalisa ukufa, wa vezela ekukanyeni ukupila nokungabubi ngalo ivangeli, 11 enga miselwa lona nga ba umshumayeli, nompostoli, nomfundisi. 12 Oku ngako futi ngi hlupeka ilezi zinto: kantike a ngi na zinhloni; ngoba ngi ya m azi engi kolwa uye, ngi y'etemba ngi ti u namandhla okulonda engi ku beke kuye a ku londele lolo suku. 13 Bamba umbonelo wamazwi a te mwe o w'ezwe kimi, ngokukolwa notando olu ku Kristu Jesu. 14 Loko okuhle okwa bekwa kuwe ku londe ngoMoya oNgcwele o hlala kitina.

15 U ya kwazi loku, ukuti bonke aba seAsiya ba ngi fulatele; aba ku bona oFugelo noHermogene. 16 Ya nga iNkosi i nga nika isihau indhlu ka Onesiforo: ngokuba wa ngi qabula futifuti, a ka banga na zinhloni ngeketanga lami; 17 kepa wa t'uba a be seRoma, wa ngi funa ngokukutala, wa ngi fumana 18 (ya nga iNkosi i nga m nika ukuba a fumane isihau eNkosini nga lolo suku); konke a konza ngako eEfesu wena u ya kwazi kahle kakulu.

2 Ngakoke wena mntanami, yiba namandhla emuseni o ku Kristu Jesu. 2 Izinto ozizwileyo kimina pakati kwa ofakazi abaningi, lezoke zi beke ku bantu abatembekayo, aba za kulinganwa ukufundisa abanye. 3 Yizwa ubulukuni nami njengebuto elihle li ka Kristu Jesu. 4 A liko ibuto eli puma impi eli zigaxa ngemigidingo ya loku kupila; li ze li zikolekise ku yena ela butwa uye. 5 Futi uma umuntu e ncintisana emdhlalweni, ka qeliswa, e nga ncintisananga ngokomteto. 6 Umlimi okandhlekayo ku melwe ukuba ku be uyena o qala a tole izitelo. 7 Qonda engikushoyo; ngoba iNkosi i ya kukunika ukuqonda ngezinto zonke. 8 Kumbula uJesu Kristu, e vukile kwabafileyo, owenzalo ka Davida ngokwevangeli lami: 9 engi zwa ubulukuni ngalo ku ze ku be sekuboshweni, njengeselelesi; kepa izwi li ka Nkulunkulu a li boshiwe. 10 Nga loku ngi ya kutazela kuko konke ngenxa yabaketiweyo, ukuze nabo ba zuze usindiso olu ku Kristu Jesu kanye nobukosi obumiyo njalo. 11 Li tembekile izwi eli ti: Ngoba uma sa fa kanye naye, si ya kupila kanye naye: 12 uma si kutazela, si ya kubusa kanye naye: uma si m pika, naye u ya kusipika: 13 uma si nga tembeki, yena u hlala e tembekile; ngoba a ka na kuzipika.

14 Ba kumbuze nga lezi zinto, u gomele emehlweni eNkosi, ukuba ba nga lwi ngamazwi oku nga sizi luto, ku gumbuqela abezwayo. 15 Kutalela ukuba u ziveze u be ovivinyekile ku Nkulunkulu, isisebenzi esi nge na kuba nazinhloni, u li qondise ntse izwi leqiniso. 16 Kepa izinkulumo ezi uwangala ezidumazayo wo zi gwema: ngokuba zi ya kuqubekela pambili ekungahlonipini uNkulunkulu, 17 izwi labo li ya kubiba njengesilonda esibucukayo: aba ku bona oHumenio noFileto; 18 aba te mayelana neqiniso ba papalaza, be ti ukuvuka kwabafileyo se ku dhlulile, ba cita ukukolwa kwabanye. 19 Nokoke isisekelo esizinzileyo si ka Nkulunkulu si mi, si qinile, si na lol'upau lokuti, INkosi i ya b'azi aba ngabayo: nokuti, Ma ku ti wonke o pata igama leNkosi a muke kuko ukungalungi. 20 Kepake endhlini enkulu a ku sizo izitsha zegolide nezesiliva zodwa ezi ba kona, ku kona nezemiti nezebumba; ezinye zi ba ezegugu, nezinye zi ba ezi nge sizo ezegugu. 21 Uma umuntu e zikucuza ku lezi, u ya kuba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

isitsha segugu, si ngcwelisiwe, esi nga setshenziswa kahle umninindhlu, si lungiselwe umsebenzi wonke olungileyo. 22 Kepa balekela izinkanuko zobusha, u joke ukulunga, nokukolwa, notando, nokutula, kanye naba teta iNkosi ngenhliziyo ehlambululekileyo. 23 Kepa imibuzo yobuwula neyokungazi wo y'ala, w'azi ukuti i zala izingxabano. 24 A ku melwe ukuba inceku yeNkosi i xabane, ku melwa ukuba i be mnene kubo bonke, i nesu lokufundisa, i bekezela, 25 i ba laya ngobunene abamelene nayo; kumbe uNkulunkulu a nga ba nika ukupenduka ba ze b'azisise iqiniso, 26 ba laluke ba pume ogibeni lomhlebi, kade be bajiswe uye entandweni yake.

3 Kepa y'azi loku, ukuti ngezinsuku zokupela ku ya kufika izikati ezinzima. 2 Ngoba abantu ba ya kuba abazitandayo, izitandamali, abazigqabhayo, abazidhlayo, abahlambalazayo, aba nga laleli abazali, abangabongiyo, aba izixwala, 3 aba nge na sisa kwaba kwabo, aba nge na kulanyulwa, abahlebayo, aba nge na kuzibamba, aba izixwanguxwangu, aba nga tandi okulungileyo, 4 amagela, amapulukundhlu, abavokomeleyo, aba tanda injabulo kunokuba ba tande uNkulunkulu; 5 be nesimo sokuhlonipa uNkulunkulu, kepa be pikile amandhla ako: laboke wo ba gwemela. 6 Ngokuba ku vela ku labo aba nyonyobela ezindhlini, be tumba ufazazana olu fufuta izono, lu hudulwa izinkanuko ngezinkanuko, 7 lu funda njalo, lu nge ke lu be nako ukufika ekwazini iqiniso. 8 Njengokuba uJanes noJambres ba melana noMoses, ngokunjaloke na laba b'emelana neqiniso; abantu abonakele ingqondo, be izimvibili mayelana nokukolwa. 9 Kepa a ba yi kuqubekela pambili: ngokuba ubuwula babo bu ya kuba sobala ku bantu bonke, njengoba noba labo ba ba njalo. 10 Kepa wena wa landela ukufundisa kwami, uhambo, icebo, ukukolwa, ukubekezela, utando, ukukutazela, 11 ukuzingelwa, izinhlupeko; lokuya okwa ng'ehlela eAntiyoke, na seIkoniyo, na seLustra; ukuzingelwa okungakaya engakutwalayo: kepa iNkosi ya ngi hlangulisa kuko konke. 12 Yebo, bonke aba tanda ukuhamba ngokuhlonipa uNkulunkulu ku Kristu Jesu ba ya kuzingelwa. 13 Kepa abantu ababi nabahemuzayo ba ya kuqubeka ebubini njalo, bedukisa bedukiswa. 14 Kodwa hlala wena ku lezo zinto ozifundileyo nowa qiniseka ngazo, w'azi ukuba u zi funde ko bani; 15 nokuti ku sukela ebunganeni w'azi imibhalo engcwele e namandhla okukuhlakanipisela ukusindiswa ngokukolwa oku ku Kristu Jesu. 16 Imibhalo yonke e pefumlelwa uNkulunkulu i nosizo ekufundiseni, na sekusoleni, na sekululamiseni, na sekulayeni oku sekulungeni: 17 ukuze umuntu ka Nkulunkulu a pelele e peleliselwe kahle imisebenzi yonke elungileyo.

4 Ngi gomela kuwe emehlweni ka Nkulunkulu na ka Kristu Jesu o za kwahlulela abapilayo nabafileyo, na ngokuhlaluka kwake nombuso wake: 2 ngi ti shumayela izwi; copelela noma ku ituba, noma ku nge silo; sola, u kuze, u vuselele, ngenyewe yonke na ngokufundisa. 3 Ngokuba isikati si ya kufika aba nga yi kubekezela ngaso imfundiso e te mwe; koti be nezindhlebe ezibabayo, ba zinqwabelele abafundisi ngokwezinkanuko zabo; 4 ba fulatelise izindhlebe zabo eqinisweni, ba cezukele ezinganekwaneni. 5 Kepa wena zitibe ezintweni zonke, yizwa ubulukuni, wenze umsebenzi womvangeli, u feze ubukonzi bako. 6 Ngokuba se ngi ya tululwa njengomnikelo, isikati sokumuka kwami si fikile. 7 Ngi lwile ukulwa okuhle, ngi fezile ukugijima kwami, ngi gcinile ukolo: 8 se ngi bekelwe umqele wokulunga, eya kungivuza ngawo iNkosi, umahluleli olungileyo, nga lolo suku; a simina ngedwa, kepa nabo bonke aba tandile ukuhlaluka kwayo.

9 Kutalela ukuza kimi masinyane: 10 ngoba uDemas wa ngi shiya, e tandile leli zwe la manje, wa ya eTesalonika; uKreske wa ya eGalatiya,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izindaba zi ka Paule. U ya konza.

uTito wa ya eDalmatiya. 11 ULuke yedwa o nami. Tabata uMarko u ze naye; ngoba u nosizo kimi ekukonzeni. 12 Kepa uTikiko nga m tuma eEfesu. 13 Ingubo enga yi shiya eTroas ku Karpo, wo yi leta ekuzeni kwako, nezincwadi, ikakulu ezesikumba. 14 UAlesandro umkandi wetusi w'enza kimi okubi okuningi: iNkosi i ya kumvuza ngokwemisebenzi yake: 15 u bo m xwaya nawe; ngokuba wa melana kakulu namazwi etu. 16 Ekuzipenduleleni kwami kwokuqala kwa ku ngeko muntu ongimelayo, bonke ba ngi shiya: kwa nga ku nge balelwe kubo loko. 17 Kepa iNkosi y'ema nami, ya ng'enza amandhla; ukuze ku ti ngami indaba i shunyayelwe ngokugcweleyo, b'ezwe abezizwe bonke: nga hlanguliswa emlonyeni wengonyama. 18 INkosi i ya kungihlangulisa kuyo yonke imisebenzi emibi, i ngi sindisele umbuso wayo wa sezulwini: a ku be ku yona udumo kuze ku be nini na nini. Amen.

19 Konza ku Priska noAkwila, na kuyo indhlu ka Onesiforo. 20 UErasto wa sala eKorinte: kepa uTrofimo nga m shiya eMileto e gula. 21 Kutalela ukufika bu nga ka biko ubusika. Ba ya konza kuwe oYubulo, noPude, noLino, noKlaudiya, nabazalwane bonke.

22 INkosi a i be nomoya wako. Umusa a u be nani.

INCWADI KA PAULE KU

TITO

U ya bingelela. Isimilo esi fanele umbonisi.

1 UPaule, inceku ka Nkulunkulu, nompostoli ka Jesu Kristu, ngokukolwa kwabaketiweyo ba ka Nkulunkulu, na ngokokwazi iqiniso eli ngokokuhlonipa uNkulunkulu, 2 ngokwetemba ukupila okumiyo njalo, uNkulunkulu, o nge qamb'amanga, akwetembisayo zi nga ka biko izikati za pakade; 3 kepa wa li veza izwi lake ngezikati zake ngendaba eshunyayelwayo, engayipatiswayo ngokomyalo ka Nkulunkulu umSindisi wetu; 4 ku Tito, umntanami ngesiminya ngokokukolwa oku ngokwetu sonke: A ku be umusa nokutula oku vela ku Nkulunkulu uYise na ku Kristu Jesu umSindisi wetu.

5 Ngenxa ya loku nga ku shiya eKrete, ukuba u qube u hlele okuseleyo, u mise amalunga emizini ngemizi, njeng'enga ku yala ngako; 6 uma umuntu e ng'o nga soleki, indoda emfazi munye, e nabantwana abakolwayo aba nge na kubekwa cala lobuxwala be nge siwo amahlongandhlebe. 7 Ngokuba umbonisi u melwe ukuba a be o nga soleki, njengoba e ngumpatimuzi ka Nkulunkulu; o nge silo ibudhle, o nge siso isififane, o nge silo ixwele lewayini, o nge siso isilwi, o nge siye o hahela inzuzo embi; 8 kepa a be o ngenisa kahle izihambi, o tanda okuhle, ozikuzayo, olungileyo, ongcwele, ozibambayo; 9 o bambelela ezwini elitembekayo eli ngokwemfundiso, ukuze a be namandhla okuvuselela emfundisweni e te mwe, nokwahlula abapikayo.

10 Ngokuba ku kona amahlongandhlebe amaningi, ababedayo nabakohlisayo, ikakulu abokusoka, 11 aba milomo yabo i melwe ukuvinjwa; abona be gumbuqela izindhlu zi pela, be fundisa oku nga fanele, be kwenza ngenxa yenzuzo embi. 12 Omunye ku bona, umprofeti wa kubo, wa ti,

> Aba seKrete ba ngabaqamb'amanga njalo, izilwane ezibi, izigege ezivilapayo.

Digitized by Google Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abadala, abasha, izigqili. Oku hloswe ngokufa kwomsindisi.

13 Lobu bufakazi bu qinisile. Nga
loku wo ba kaca, ukuze ba ti mwe ekukolweni, 14 ba nga naki izinganekwane zabaJuda, nemiyalo yabantu aba fulatela iqiniso. 15 Kwabahlambululekileyo konke ku hlambululekile: kepa kwabangcolileyo nabangakolwayo a ku konto ehlambululekileyo; kepa ku ngcolile ingqondo yabo nonembeza wabo. 16 Ba ya vuma ukuti ba ya m azi uNkulunkulu; kepa ba m pika ngemisebenzi yabo, be ngabanengekayo, abangalaleliyo, emisebenzini yonke emihle ba izimvibili.

2 Kepa kuluma wena izinto ezi fanele imfundiso e te mwe; 2 kokuti amadoda amadala ka be azitibayo, azotileyo, azikuzayo, a te mwe ekukolweni, na sotandweni, na sekukutazeleni: 3 ngokunjalo abesifazana abadala ba be nezimilo ezi fanele abangcwele, ba nga bi abahlebayo ba nga bi izigqili zewayini eliningi, ba fundise okuhle; 4 ukuze ba yalukise abashakazi ukuba ba wa tande amadoda abo, ba tande abantwana babo; 5 ba be abazikuzayo, ba be mhlope, ba sebenze emakaya, ba be mnene, be tobele awabo amadoda, ukuze izwi li ka Nkulunkulu li nga hlambalazwa: 6 ngokunjalo abesilisa abasha wo ba vuselela ukuba ba be abazikuzayo: 7 ezintweni zonke u ziveze u ngumbonelo wemisebenzi emihle; emfundisweni yako u veze ukungonakali, ukuzota, 8 ukukuluma oku te mwe, oku nge na kulahlwa; ukuze o melana nati a be namahloni, e nge na luto olubi angalukulumayo ngati. 9 Vuselela izigqili ukuba zi tobele abaninizo, zi koleke ezintweni zonke; zi nga piki nawo; 10 zi nga ntshontshi, zi bonakalise konke ukwetembeka okuhle; ukuze zi hlobise imfundiso ka Nkulunkulu umSindisi wetu ezintweni zonke. 11 Ngoba umusa ka Nkulunkulu u hlalukile, u leta usindiso ku bantu bonke, 12 u si laya ukuze si ti si pika ukungahlonipi uNkulunkulu nezinkanuko zomhlaba, si hlale ngokuzikuza na ngokulunga na ngokuhlonipa uNkulunkulu ku leli zwe la manje; 13 si bheke itemba elibongekayo nokuhlaluka kwobukosi bu ka Nkulunkulu omkulu nomSindisi wetu uJesu Kristu; 14 o wa zinikela ngenxa yetu, ukuze a si hlenge ebubini bonke, a zihlambululele abantu ba be abake, ba shisekele imisebenzi emihle.

15 Lezi zintoke wo zi kuluma, u vuselele u sole u nokuyalwa konke. A u nga delelwa muntu.

3 Ba kumbuze ukuba ba zitobe pansi kwababusi, nezipati'mandhla, ba lalele, ba lungele imisebenzi yonke elungileyo, 2 ba nga hlambalazi muntu, ba nga bi abaxabanayo, ba be abavileyo, be bonakala be nobunene ku bantu bonke. 3 Ngokuba nati kade sa si iziula, abangalaleliyo, abeduswayo, si konza izinkanuko nezinjabulo ezininginingi, si hlezi ngefundululu nomona, si dina, si zondana. 4 Kepa lapo se ku hlaluka ububele bu ka Nkulunkulu umSindisi wetu, notando lwake ku bantu, 5 ku nga yi ngemisebenzi e yenziwa ngokulunga esiyenzileyo tina, kepa ngokwesihau sake wa si sindisa, ngokugeza kwokupind'ukuzalwa na ngokwenza ku be kusha ku ka Moya oNgcwele, 6 amtelayo pezu kwetu ngokwengcebo, ngaye uJesu Kristu umSindisi wetu; 7 ukuze si ti si tetiwe ngomusa wake, senziwe izindhlalifa ngokwokwetemba ukupila okumiyo njalo. 8 Li tembekile lelo zwi; mayelana na lezi zintoke, ngi tanda ukuba u gamele, ukuze ba katalele ukunaka imisebenzi emihle labo abakolwayo ku Nkulunkulu. Lezi zinto zinhle zi nosizo ku bantu: 9 kepa gwema imibuzo yobuwula, nezindaba zeminyango yokuzalwa, nezinkani, nezingxabano ngomteto; ngokuba a ku na lusizo ku ize. 10 Umuntu o qembula abantu e se lulekwe kanye na kabili u m ale; 11 w'azi ukuti onjalo u isipoxo, u y'ona, e zilahla yena.

12 Nxa se ngi tuma kuwe uArtemas, noma uTikiko, kutalela ukuza kimi eNikopoli: ngokuba ngi nqume ukuti ngi zo dhlulisa ubusika kona. 13 OZenas ummeli noApolo wo ba kapa ngokukutala, ukuze ba nga sweli

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ya busisa.

luto. 14 Abetu a ba funde ukunaka imisebenzi emihle kwenzelwe izingxakeko zokuswela, ba nga bi aba nge na zitelo.

15 Bonke aba nami ba ya konza kuwe. Konza kwabasitandayo ekukolweni.

Umusa a u be nani nonke.

INCWADI KA PAULE KU

FILEMON

U bonga utando lu ka Filemon. UOnesimo ka se siso isigqili.

1 UPaule, isiboshwa si ka Kristu Jesu, noTimote umzalwane wetu, ku Filemon isitandwa setu nesisebenzi kanye nati, 2 na ku Apfiya udade wetu, na ku Arkipo ibuto kanye nati, na kulo ibandhla eli sendhlini yako: 3 A ku be kini umusa nokutula oku vela ku Nkulunkulu uBaba wetu na seNkosini uJesu Kristu.

4 Ngi bonga uNkulunkulu wami njalo, ngi ku pata emitandazweni yami, 5 ngi zwa ngotando lwako nokukolwa o nako eNkosini uJesu, na kubo bonke abangcwele; 6 ukuze ubudhlelwane bokukolwa kwako bu be nomsebenzi, ekwaziweni kwezinto zonke ezinhle ezi kini, kuye uKristu. 7 Ngoba be ngi nokutokoza okukulu nokududuzeka ngotando lwako, ngokuba izinhliziyo zabangcwele zi hlunyelelwe ngawe, mzalwane.

8 Nga loku, noma ngi nesibindi esikulu kuye uKristu sokuba ngi ku yale nga loko okufaneleyo, 9 kanti ngenxa yotando ngakanye ngi ya ncenga, loku ngi nguye onje uPaule omdala, manjeke e isiboshwa si ka Kristu Jesu futi: 10 ngi ya ku ncenga ngomntanami, engimzeleyo ekuboshweni kwami, uOnesimo, 11 o kade e nge na lusizo ku wena, kepa kaloku u nosizo ku wena na kimina: 12 engi m buyisele kuwe yena uqobo, oku ukuti inhliziyo yami: 13 e be ngi tanda ukumhlalisa kimi, ukuze a ngi konze esikundhleni sako ngi sekuboshweni ngenxa yevangeli: 14 kepa be ngi nga funi ukwenza luto ngi nga w'azi umoya wako; ukuze okuhle kwako ku nga bi ngokucindezelwa, kepa ku be ngesihle. 15 Ngoba mhlaumbe yingako loko w'ahlukaniswa nawe isikashana, ukuze u buye u m tole a be ngowako ku ze ku be nini; 16 e nga se njengesigqili, e ngokukulu kunesigqili, e ngumzalwane o isitandwa, ikakulu kimina, kepa kakulu kangakanani ku wena enyameni na seNkosini. 17 Njaloke uma u ti ngi ng'o hlanganyele nawe, wo m amkela ngokungati yimina. 18 Kodwa uma e kwonile ngoto, noma e necala kuwe, ku balele kimina loko; 19 mina Paule ngi ku loba ngesandhla sami, ngi ya kukukoka: ukubake ngi nga ze ngi sho kuwe ukuti u necala kimina loqobo lwako ngapezu kwa loko. 20 Yebo, mzalwane, ma ngi sizakale ngawe eNkosini: u yi hlumelele inhliziyo yami ku Kristu.

21 Ngokwetemba ukulalela kwako ngi ku lobela, ng'azi ukuti u yo kwenza noku ngapezu kwengikushoyo. 22 Wo tike futi u ngi lungisele indawo yokungenisa: ngokuba ngi y'etemba ukuti ngemitandazo yenu ni ya kunginikwa.

23 U ya konza kuwe uEpafras umtunjwa kanye nami ku Kristu Jesu; 24 noMarko, noAristarko, noDemas, noLuke, izisebenzi kanye nami.

25 Umusa weNkosi yetu uJesu Kristu a u be nomoya wenu. Amen.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

AMAHEBERU

INdodana i ngapezu kwezingelosi, izwi layo ngelokunakekelwa.

1 UNkulunkulu, e se kulume kokoko ngabaprofeti endulo ngezindawo eziningi na ngezindhlela eziningi,
2 ekugcineni kwa le mihla u kulume kitina ngayo iNdodana yake, a yi misa i be indhlalifa yako yonke, eyona enza ngayo konke oku kona; 3 yona e ngukubengezela kwobukosi bake, e fuze yena uqobo, e pasa konke ngezwi lamandhla ake, i si yenze ukuhlanjululwa kwezono, ya hlala ngakwesokunene soBukulu kwelipezulu; 4 i si te ya ba nkulu kunezingelosi, njengaloku i li dhle ubufa igama eli dhlula elazo. 5 Ngoba iyipi yezingelosi a ke a ti kuyo,

U yiNdodana yami wena,
Namhla ngi ku zele?

nokuti,

Ngi ya kuba uYise ku yena,
Yena a be yiNdodana kimina?

6 Lapo futi e ngenisa o izibulo ezweni u ti, A zi kuleke kuye zonke izingelosi zi ka Nkulunkulu. 7 U ti ke ngezingelosi,

O wenza izingelosi zake zi be imimoya,
Nezikonzi zake zi be ilangabi lomlilo:

8 kodwa ngeNdodana u ti,

Isihlalo sako sobukosi Nkulunkulu, si mi ku ze ku be nini na nini;
I yintonga yobuqoto intonga yombuso wako.
9 U tandile ukulunga, wa zonda okubi;
Ngakoke uNkulunkulu, uNkulunkulu wako, u ku gcobile
Ngamafuta enjabulo ngapezu kwamagxebe ako.

10 Nokuti,

Wena, Nkosi, ekuqaleni wa beka isisekelo somhlaba,
Izulu li ngumsebenzi wezandhla zako:
11 Li ya kububa lona; kepa wena u kona njalo:
Lona lonke li ya kuguga njengengubo;
12 Njengesambato u yo li songa,
Njengengubo, li pendulwe:
Kepa wena uwena njalo;
Iminyaka yako a i yi kukauka.

13 Kepa i yipi yezingelosi a ke a ti ngayo,

Hlala nga kwesokunene sami,
Ngi ze ng'enze izita zako zi be isenabelo sezinyawo zako?

14 A ngi ti zonke zi omoya bokukonza, aba tunyelwe ukukonza ngenxa vaba za kuludhl'ubufa usindiso?

2 Nga loko si melwe ukuqapelisisa esikuzwileyo, funa mhlaumbe si guguleke kuko. 2 Ngoba uma izwi ela kulunywa ngezingelosi la qiniseka, uma ukupambuka konke nokungalaleli kwamkeliswa ihxomelo elifaneleyo; 3 po tina si ya kupepa kanjani, uma si debesela ukusindiswa okungaka na? okwa kulunywa kuqala yiNkosi, kwa qiniswa kitina yilabo abezwayo; 4 uNkulunkulu naye e fakaza kanye nabo, ngezibonakaliso na ngemimangaliso, na ngemisebenzi yamandhla emininginingi, na ngezabelo ezi vela ku Moya oNgcwele ngokwentando yake.

5 Ngoba izwe elizayo, esi kuluma ngalo, a ka li tobiselanga pansi kwezingelosi. 6 Kodwa ku fakaze otile endawen'imbe, e ti,

Umuntu u yini, ukuba u m kumbule?
Nendodana yomuntu, ukuba u yi hambe na?
7 Wena u m enze mncinyane ngoku ingcozana kunezingelosi;
Wa m qelisa ngodumo na ngokutuseka,
Wa m misa pezu kwemisebenzi yezandhla zako:

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ngoba wa totshiswa u namandhla okusiza. Ma si xwaye ukungakolwa.

8 Wa tobisela konke pansi kwezinyawo zake.
Ngoba ekutobiseleni konke pansi kwake, ka shiyanga luto olu nga totshiselwe pansi kwake. Kepa manje a si ka boni konke ku totshiselwe pansi kwake. 9 Kepa si ya m bona o wenziwe mncinyane ngoku ingcozana kunezingelosi, uJesu, ngenxa yokuhlupeka kwokufa e qeliswe ngodumo nokutuseka, ukuze ngomusa ka Nkulunkulu ezwe ukufa ngenxa yabo bonke. 10 Ngokuba kwa ku m fanele yena, oku ngenxa yake konke, noku kona ngaye konke, e s'e yisa amadodana amaningi ebukosini, ukuba a m pelelise ngezinhlupeko yena o ngumqalisi wokusindiswa kwabo. 11 Ngokuba ongcwelisayo nabangcweliswayo ba puma ku munye bonke: ngenxa ya lesi sici ka nazinhloni ukubabiza ngokuti abafo wetu, 12 e ti,

Ngi ya kubalisa ngegama lako ku bafo wetu,
Ngi hube ngawe pakati kwenhlangano.

13 A ti futi, Ngi ya kumetemba. Nokuti, Bheka, mina nabantwana uNkulunkulu a ngi nike bona. 14 Ngakoke loku abantwana ba hlanganyela inyama negazi, naye ngokunjalo wa e nako kona loko; ukuze ngokufa a shabalalise yena o pata amandhla okufa, oku ukuti, umhlebi; 15 a kulule labo bonke aba te, kuko konke ukuhamba kwabo, ba be boshelwe ebugqilini ngokwesaba ukufa. 16 Ngoba ngempela a ka hlangulisi izingelosi, kodwa u hlangulisa inzalo ka Abraham. 17 Nga loku kwa m fanela ukuba enziwe a fane nabazalwane bake ngako konke, ukuze a be umpristi omkulu ohaukelayo notembekayo nga loko oku ngoku ka Nkulunkulu, ukuze a shwelezele izono zabantu. 18 Ngokuba loku se wa hlupeka yena e lingwa, u namandhla okusiza abalingwayo.

3 Ngalokoke, bazalwane abangcwele, bahlanganyeli bokubizwa kwa sezulwini, qondani uMpostoli noMpristi omkulu wokuvuma kwetu, uJesu; 2 owa e tembeka ku yena owammisayo, njengoba noMoses wa e tembeka kuyo yonke indhlu yake. 3 Ngokuba lowo ku tiwe u fanelwe udumo olukulu kunolu ka Moses, njengaloko oyakileyo indhlu u nokutuswa okukulu kunayo indhlu. 4 Ngoba ileyo ndhlu yakiwa otile; kepa yena ow'aka konke nguNkulunkulu. 5 UMoses kambe wa e tembeka kuyo yonke indhlu yake njengenceku, ku be ubufakazi ba loko oku za kukulunywa ngasemva; 6 kepa uKristu u tembeke njengendodana pezu kwendhlu yake; esi yindhlu yake tina, uma si bamba ngqi isibindi setu nokuzigabisa kwetemba letu ku qinile ku ze ku be sekupeleni. 7 Ngakoke, njengokusho ku ka Moya oNgcwele, ukuti

Namhla uma ni zo li zwa izwi lake,
8 Ni nga z'enzi lukuni izinhliziyo zenu, njenga sekucunuleni,
Njenga sosukwini lokulingwa ehlane,
9 Lapo oyihlo ba ngi linga be ngi vivinya,
Ba bona imisebenzi yami iminyaka e ngamashumi amane.
10 Nga loko nga dinwa ileso sizukulwane,
Nga ti, Ba y'eduka njalo enhliziyweni yabo:
A b'azanga ke izindhlela zami;
11 Njengoba nga funga olakeni lwami,
Ukuti a ba soze ba ngena ekupumuleni kwami.

12 Xwayani, bazalwane, funa ku be kona na koyedwa wa kini inhliziyo embi yokungakolwa, ngokuhlamuka uNkulunkulu opilayo: 13 kepa a no vuselelana imihla ngemihla, nxa ku sa tiwa Namhla; ukuze ku nga biko kini owenziwa lukuni ngokukohlisa kwokona: 14 ngoba se si ngabahlanganyeli ku Kristu, uma si bamba ngqi isiqalo setemba letu si qinile ku ze ku be sekupeleni: 15 ku sa tiwa,

Namhla uma ni zo li zwa izwi lake,
Ni nga z'enzi lukuni izinhliziyo zenu, njenga sekucunuleni.

16 Ngoba ibapi abezwayo, ba cunula

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Abakolwayo bodwa aba ngena ekupumuleni kwake.

na? angiti, ilabo bonke aba puma Egipite ngaye uMoses? 17 Ibapi a dinwa yibo iminyaka e ngamashumi amane na? angiti ilabo abonayo, aba zidumbu zabo za wa ehlane? 18 Ibapi a funga kubo ukuti a ba soze ba ngena ekupumuleni kwake, uma ku nge sibo aba nga lalelanga? 19 Si ya bonake ukuti ba be nge na kungena ngokungakolwa kwabo.

4 Ngakoke a s'esabe, funa ku ti, ku sa sele isitembiso sokungena ekupumuleni kwake, ku be kona kini o bonakala sengati u silele kuso. 2 Ngokuba nati si shunyayezwe izindaba ezinhle njengabo: kepa izwi abalizwayo a li ba sizanga bona, ngokuba a li xubananga nabo abezwayo ngokukolwa. 3 Ngokuba tina esikoliweyo si ya ngena ku loko kupumula; njengokusho kwake ukuti,

Njengoba nga funga olakeni lwami,
Ukuti a ba soze ba ngena ekupumuleni kwami:

nakuba imisebenzi ya fezwa iloku kwa sekelwa umhlaba. 4 Ngokuba u shilo endaweni etile ngosuku lwesikombisa ukuti, UNkulunkulu wa pumula ngosuku lwesikombisa emisebenzini yonke yake; 5 na ku le ndawo u ti futi,

A ba soze ba ngena ekupumuleni kwami.

6 Ngakoke, loku ku sa salele abanye ukuba ba ngene kuko, laboke aba shunyayezwa kuqala izindaba ezinhle be nga ngenanga ngokungalaleli, 7 u buya a mise usuku olutile, Namhla, u sho ngoDavida emva kwesikati esingaka (njengokuba ku shiwo kuqala),

Namhla uma ni zo lizwa izwi lake,
Ni nga z'enzi lukuni izinhliziyo zenu.

8 Ngoba uma uJoshua e be ba nikile ukupumula, wa e nga yi kukuluma ngolunye usuku emva kwa loko. 9 Ngakoke ku ba salele abantu ba ka Nkulunkulu ukupumula oku njengokwesabata. 10 Ngokuba lowo o ngene ekupumuleni kwake u pumulile naye emisebenzini yake, njengoNkulunkulu kweyake. 11 Ngakoke a si kutalele ukungena ku loko kupumula, ukuze ku nga wi muntu nga lo mbonelo wokungalaleli. 12 Ngokuba izwi li ka Nkulunkulu li pilile, li ya sebenza, li bukali kunezinkemba zonke ezi kudhla kubili, li hlaba ku ze kwahlukaniswe umpefumlo nomoya, amalungu nomkantsha, li nokwahlulela ukucabanga nokuzindhla kwenhliziyo. 13 A ku konto edatshuliweyo e nga bonakali obala pambi kwake: kepa konke kwambuliwe ku te bha emehlweni ake o nezwi nati.

14 Ngakoke loku si nomkulu umpristi omkulu, o dhlulele emazulwini, uJesu iNdodana ka Nkulunkulu, a si bambelele ekuvumeni kwetu. 15 Ngoba a si naye umpristi omkulu o nge na kuzwelana nati ebutakatakeni betu; kepa owa lingwa njengati ngako konke, ka ze ona. 16 Ngakoke a si sondele ngesibindi esihlalweni somusa, ukuze s'amkeliswe isihau, si fumane umusa wokusisiza ngesikati esi yisona.

5 Ngokuba ilowo mpristi omkulu, o vela ku bantu, u miselwa abantu koku ngoku ka Nkulunkulu, ukuze a nikele iminikelo nemihlatshelo ngenxa yezono: 2 e nokubamba inyewe kwabangaziyo nabedukayo, loku naye u gaxwe ubutakataka; 3 ngenxa yaboke u fanele, njengoba e nikela ngezono zabantu, a nikele ngokunjalo na ngezake. 4 A kuko muntu o zitabatela lesi sikundhla esitusekayo, kepa ukupela u si tabata nxa e bizwa uNkulunkulu, njengaye uAron. 5 Kunjalo naye uKristu ka zidumisanga yena ukuba a bekwe a be umpristi omkulu, kepa wa dunyiswa nguye owa kuluma kuye wa ti,

U yiNdodana yami wena,
Namhla ngi ku zele:

6 njengokusho kwake na kwenye indawo ukuti,

Wena u ngumpristi ku ze ku be nini
Ngokokuma ku ka Melkizedeki.

7 Owa ti emihleni yenyama yake, e se nikele ngemitandazo na ngoku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umpristi omkulu o zwelana nati.

nxusa ngokudazuluka okukulu nezinyembezi ku yena o namandhla okumsindisa ekufeni, e se zwiwe ngenxa yokwesaba kwake uNkulunkulu, 8 noma wa e yiNdodana, wa funda ukulalela nga loko a hlupeka ngako; 9 e se pelelisiwe, wa ba isisusa sokusindiswa okumiyo njalo kubo bonke abamlalelayo; 10 e bizwa uNkulunkulu ngokuti umpristi omkulu ngokokuma ku ka Melkizedeki.

11 Esi nokuningi esi nga ku sho ngaye, oku lukuni ukucasiselwa, loku ukuzwa kwenu se ku qundekile. 12 Ngoba noma be ni fanele ukuba ni be abafundisi ngenxa yesikati, ni sa dinga ukuba ku be kona o pinda a ni fundise oku pansi kokokuqala kwamazwi ka Nkulunkulu; ni ngaba dinga ubisi, a ni dingi ukudhla okuqinileyo. 13 Ngokuba lowo o puza ubisi u se luhlaza ezwini lokulunga; ngoba u ingane. 14 Kepa ukudhla okuqinileyo ku ngokwabakulileyo, aba ti ngokujwayela, imiqondo yabo i hlakahliswe ba ze bahlukanise okuhle nokubi.

6 Ngakoke, a si yeke indaba yesiqalo ngoKristu, a si qubeke si bange ekupeleleni; si nga buyi si beke isisekelo sokuti ukupenduka emisebenzini efileyo, nokukolwa ku Nkulunkulu, 2 nesifundiso ngokubapatiza nokubeka izandhla, nokuvuka kwabafileyo, nokwahlulelwa okumiyo njalo. 3 Si ya kukwenza loku, uma uNkulunkulu e vuma. 4 Ngoba labo a se ba ke ba kanyiswa b'ezwa isipo sa sezulwini, b'enziwa abahlanganyeli ku Moya oNgcwele, 5 b'ezwa izwi elihle li ka Nkulunkulu, namandhla ezwe elizayo, 6 ba buya ba kwebuka, ku ng'enzeke ukuba ba buye ba vuselelwe ba ze ba penduke; loku ba zibetelela iNdodana ka Nkulunkulu ngokusha, ba yi tela ihlazo obala. 7 Ngoba umhlabati o puze imvula e fika kaningi pezu kwawo, u milisa imifino e fanele bona abawulinyelwayo, u ya busiswa uNkulunkulu: 8 kepa uma u veza ameva namakakaka walekile, u seduze nokuqalekiswa; okupela kwawo ngukushiswa.

A si qubeke si bange ekupeleleni.

9 Kepa, batandwa, s'etemba ngani okuhle kuna loko, oku qondene nokusindiswa, noma si kuluma kanje: 10 ngoba uNkulunkulu a siye o nga lungile ukuba a kohlwe umsebenzi wenu notando ena lu bonakalisa nga kulo igama lake, ngokukonza abangcwele, na manje ni sa ba konza. 11 Kepa si nxanele ukuba nina ngabanye ni bonakalise loko kukutala, ni bhekisele ekugcwaleni kwetemba ku ze ku be sekupeleni: 12 ukuba ni nga qundeki, kodwa ni be ngabalingisi ba labo aba ti ngokukolwa na ngokubekezela ba zi dhl'ubufa izitembiso.

13 Ngoba lapo uNkulunkulu e m etembisa uAbraham, loku e nge na kufunga nga muntu omkulu kunaye, wa zifunga yena, 14 wa ti, Impela ngi ya kukubusisa nokukubusisa, ngi ya kukwandisa nokukwandisa. 15 Kwa njalo, e se bekezele, wa zuza okwatenjiswayo. 16 Ngoba abantu ba funga omkulu kunabo: ku bona oku qeda ukupikisana konke ku yisa ekuqiniseni ku isifungo. 17 Ngaloku uNkulunkulu, e tanda ukubonisa kakulu kakulu izindhlalifa zesitembiso, ukungaguquleki kwecebo lake, wa lamula ngesifungo; 18 ukuze ku ti ngezinto ezimbili ezi nge guquleke, uNkulunkulu a nge qamb'amanga ngazo si be nokuvuseleleka oku namandhla, tina esi balekele ukuba si bambe itemba esilimiselweyo: 19 esi nalo li njengehange lompefumulo, li isinqalanqala li qinile, li ngena ku loko oku ngapakati kweveli; 20 lapo uJesu, e isigijimi sokwandulela, wa ngena kona ngenxa yetu, e se ngumpristi omkulu ku ze ku be nini ngokokuma ku ka Melkizedeki.

7 Ngoba lo Melkizedeki, inkosi ya seSalem umpristi ka Nkulunkulu o Pezu Konke, owa hlangabeza uAbraham e buya ekubulaleni amakosi wa m busisa, 2 uAbraham a m abela okweshumi kuko konke (u tiwa kuqala ngokuhumushwa, iNkosi yokulunga, be se ku ba iNkosi ya seSalem, oku ukuti, iNkosi yokutula; 3 e nge na yise, e nga na nina, e nga balwa na mnyango wake, e nge na kuqala

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kwezinsuku e nge na kupela kwokupila, kepa enziwe a fane neNdodana ka Nkulunkulu), u hlala e ngumpristi njalo.

4 Qondani ukuba wa e mkulu kangakanani lo muntu, owa nikwa uAbraham, ukoko, okweshumi kuko okwa ku iketelo lempango. 5 Labo kambe aba ngamadodana ka Levi, abamkeliswa ubupristi, ba nomyalo ukutabata okweshumi kubantu ngokomteto, oku ukuti ku bafo wabo, noma be pume okalweni lu ka Abraham: 6 kepa yena o nga balwa mnyango wokuzalwa ku bona u tabate okweshumi ku Abraham, wabusisa lowo o nezitembiso. 7 Kepa a ku na kupikwa ukuti omncinyane u ya busiswa omkulu. 8 Lapa abantu abafayo bamkeliswa okweshumi; kepa lapo o fakazelwa ukuti u kona. 9 Futike, ku nga tiwa noLevi owamkeliswa okweshumi, wa nika okweshumi ngaye uAbraham; 10 ngokuba wa e se sokalweni lu ka yise, mzukwana uMelkizedeki emhlangabezayo.

11 Umake kambe kwa ba kona ukupelela ngobupristi bu ka Levi (ngokuba abantu ba bekelwa umteto ngabo), kwa ku sa dingekelani ukuba ku vele omunye umpristi ngokokuma ku ka Melkizedeki, ku nga be ku sa tiwa u ngokokuma ku ka Aron? 12 Ngokuba ubupristi bu guqulwa nje, ku dingeka ukuba ku guqulwe nawo umteto. 13 Ngoba yena oku kulunywa ngaye loku u ngowesinye isizwe, oku nga bangako kuso umuntu o wa ke wa pata ilati. 14 Ngoba ku sobala ukuti iNkosi yetu i vele kwa Juda; isizwe uMoses a nga kulumanga luto ngaso ngobupristi. 15 Lokoke ku sobala kakulu, uma ku vela omunye umpristi o fana noMelkizedeki, 16 o nga miswanga ngomteto womyalo wenyama, wa miswa ngamandhla okupila okungapeliyo: 17 ngokuba ku fakazwa ngaye ku tiwa,

> Wena u ngumpristi ku ze ku be nini
> Ngokokuma ku ka Melkizedeki.

18 Ngoba ku kona ukushafiswa kwomyalo owanduleleyo ngenxa yobutakataka bawo nokungasizi kwawo 19 (ngoba umteto a u pelelisanga luto), nokungeniswa kwetemba elona li lihle pezu kwawo, esi sondela ngalo ku Nkulunkulu. 20 Futi njengokuba ku nga banga ngapandhle kwokufunga 21 (ngoba labo kambe ba bekwa ba be abapristi ngapandhle kwokufunga; kepa yena wa bekwa ngokufunga nguye owa sho kuye wa ti,

> INkosi ya funga a i yi kuzisola ya ti,
> Wena u ngumpristi ku ze ku be nini);

22 ngokungakoke uJesu u yisibambiso sesivumelwano esona si sihle. 23 Laboke baningi aba bekwe ba be abapristi, ngokuba ba vinjelwa ukufa ukuba ba hlale njalo: 24 kepa yena, ngokuba e hlala ku ze ku be nini, u nobupristi obu nga dhluleli komunye. 25 Ngakoke u namandhla okubasindisa ngoku te ncimiji aba sondela ku Nkulunkulu ngaye, loku e hlezi njalo ukuba a ba tayizele.

26 Ngoba umpristi omkulu onje, u si fanele tina, ongcwele, o nge na buqili, o nge na sisihla, ow'ahlukanisiwe nezoni, owenziwa wa ba ngapezu kwamazulu; 27 o nga dingi imihla ngemihla njenga labo bapristi abakulu, ukunikela imihlatshelo, kuqala ngenxa yezake izono, and'ukuyinikela ngenxa yezabantu: ngoba w'enza loko kwa kanye, lapo e zinikela yena. 28 Ngoba umteto u misa abantu aba butakataka ba be abapristi abakulu; kepa izwi lesifungo, esa landela umteto, li misa iNdodana, e pelelisiwe ku ze ku be nini.

8 Kepa oku inhloko kwesi kuluma ngako yiloku: Si nompristi omkulu onje, o se wa hlala ngakwesokunene sesihlalo soBukulu emazulwini, 2 isikonzi sendhlu engcwele, nesetabanekele elonalona, ela miswa iNkosi ku nge muntu. 3 Ngokuba abapristi abakulu bonke ba miselwa ukunikela iminikelo nemihlatshelo: ngakoke ku ya dingeka ukuba naye lo a be nako okwokunikela. 4 Ngakoke uma e be semhlabeni, u be nga yi kuba umpri-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

sti nakanye, loku ba kona labo aba nikela iminikelo ngokomteto; 5 aba konza oku umbonelo nesitunzi sokwa sezulwini, njengokuba uMoses wa xwayiswa uNkulunkulu e se za kwenza itabanekele: ngoba u ti, Bheka, u kwenze konke ngokwomfanekiso owa boniswa wona entabeni. 6 Kepa kaloku u zuzile inkonzo edhluleleyo njengaloku e ngumlamuli wesivumelwano esona si sihle, esi bekwe umteto pezu kwezitembiso ezinhle kuna lezo. 7 Ngokuba uma leso sivumelwano sokuqala be si nga soleki, be ku nga yi kufunwa indawo yesesibili. 8 Ngoba e ba sola, u ti,

Bheka, izinsuku zi y'eza, i sho iNkosi,
Engi ya kwenza ngazo isivumelwano esisha nendhlu ya kwa Israeli nendhlu ya kwa Juda;
9 Si nga bi njengesivumelwano enga s'enza na oyise
Mzukwana ngi ba bamba ngesandhla ukubakipa ezweni la sEgipite;
Ngoba a ba hlalanga esivumelwaneni sami,
Namike a ngi ba nakanga, i sho iNkosi.
10 Ngoba ilesi isivumelwano engi ya kuvumelana ngaso nendhlu ya kwa Israeli.
Emva kwa lezo zinsuku, i sho iNkosi;
Ngi ya kufaka imiteto yami engqondweni yabo,
Ngi yi lobe enhliziyweni yabo:
Ngi ya kuba uNkulunkulu kubo,
Ba ya kuba abantu kimi:
11 A ba yi kufundisa ilowo owake emzini munye naye,
Na lowo umfo wabo, ba ti, Y'azi iNkosi:
Ngoba bonke ba ya kungazi,
Ku suka kwabancinyane ku ya kwabakulu.
12 Ngokuba ngi ya kuba nesihau ngobubi babo,
Nezono zabo a ngi sa yi kuzikumbula.

13 Ngokusho loko kokuti, Isivumelwano esisha, u s'enza si dala esokuqala. Kepa loko o se ku ba kudala ku guga ku seduze nokunyamalala.

9 Kepa nesivumelwano sokuqala sa si nezimiso zokukonza uNkulunkulu, nendhlu engcwele yaso, eya lo mhlaba. 2 Ngokuba kwa lungiswa itabenekele, ikamelo lokuqala okwa ku kona kulo uti lwesibane, netafula, nezinkwa zokubhekwa; oku tiwa indawo eNgcwele. 3 Ngasemva kweveli lesibili, itabanekele eli tiwa indawo eNgcwelengcwele; 4 eli nelati legolide lempepo, nompongolo wesivumelwano u namekwe ngegolide inxa zonke, okwa ku kona kuwo imbiza yegolide e nemana, nenduku ka Aron eyahlumayo, nezibhebhe zesivumelwano; 5 pezu kwawo kwa ku kona amakerubi obucwazicwazi enza itunzi esihlalweni somusa; esi nge na kukuluma ngako ngakunye manje. 6 Se zi lungisiwe lezo zinto ngokunjalo, ku ngena abapristi ngezikati zonke kulo itabanekele lokuqala, be feza izinkonzo; 7 kepa kwelesibili ku ngena umpristi omkulu yedwa, kanye ngomnyaka, e nga ngeni ngapandhle kwegazi, alinikelayo ngenxa yake, na ngenxa yeziposiso zabantu: 8 uMoya oNgcwele e tshenisa loku, ukuti a i ka bonakaliswa indhlela e ya endaweni engcwele, li se mi itabanekele lokuqala; 9 elona li umfanekiso ku lesi sikati sa manje; oku nikelwa ngawo iminikelo nemihlatshelo, e nge na kumenza a pelele ngoku ka nembeza yena okonzayo, 10 loku yona, (kanye nokudhla nokupuza nokugeza okuninginingi) i izimiso zenyama, ezi bekwa ku ze ku fike isikati sokuhlela ngokusha.

11 Kepa uKristu e se fikile e umpristi omkulu wezinto ezilungileyo ezizayo, ngalo itabanekele elona li likulu li pelele, eli ngenziwanga ngezandhla, oku ukuti, li nge silo ela loku kudalwa, 12 wa ngena kwa kanye ku nge ngegazi lezimbuzi nelezinkonyana, ku ngegazi lake, endaweni engcwele, e zuze ukuhlengwa okumiyo njalo. 13 Ngoba uma igazi lezimbuzi nelezinkunzi, nomlota wesitole ku fafaza abangco-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ngokuzinikela kwake u shabalalise ukwona wa pelelisa abangcwele.

lileyo, ku ngcwelisa ku ze ku be ukuhlambululeka kwenyama: **14** kakulu kangakanani po igazi li ka Kristu, owa zinikela e nge na sici ku Nkulunkulu ngaye uMoya omiyo njalo, li za kunihlambulula ekuzinyezeni kwenu ngemisebenzi efileyo ni ze ni konze uNkulunkulu opilayo? **15** Nga loku u ngumlamuli wesivumelwano esisha, ukuze se ku kona owafayo ukuhlenga ezipambukweni ez'enziwa si kona isivumelwano sokuqala, ababiziweyo bamkeliswe isitembiso sefa elimiyo njalo. **16** Ngoba lapa ku kona amazwi a shiywe ofayo, ku ya dingeka ukuba ku bikwe ukuti u file owawashiyayo. **17** Ngoba amazwi a shiywe ofayo a ya qiniseka se ku fiwe: ngoba a ngeze a be namandhla nxa e se kona owawashiyayo. **18** Ngakoke nesivumelwano sokuqala a si miswanga ngapandhle kwegazi. **19** Ngokuba i si kulunywe imiyalo yonke nguMoses ku bantu bonke ngokomteto, wa tabata igazi lezinkonyana nelezimbuzi, kanye namanzi noboya obubomvu nehisope, wa fafaza incwadi uqobo lwayo nabantu bonke, **20** e ti, Leli li igazi lesivumelwano uNkulunkulu a ni yale ngaso. **21** Futi itabanekele nempahla yonke yokukonza wa ku fafaza ngokunjalo ngegazi. **22** Njalo ngi nga cish'ukuti zonke izinto zi hlanjululwa ngegazi ngokomteto, ngapandhle kwokupalaza igazi a kuko ukutetelelwa.

23 Kwa ku dingekake ukuba imibonelo yoku semazulwini i hlanjululwe nga lezo zinto; kepa oku sezulwini uqobo lwako nga ku hlanjululwa ngemihlatshelo emihle kuna leyo. **24** Ngoba uKristu ka ngenanga endaweni engcwele eyenziwa ngezandhla, eyenziwa i fane na leyo eyonayona; kepa wa ngena ezulwini uqobo lwalo, e se za kubonakala ngenxa yetu pambi kwobuso bu ka Nkulunkulu: **25** ku nge siko ukuba a zinikele futifuti, njengaloku umpristi omkulu e ngena endaweni engcwele iminyaka ngeminyaka e pete igazi eli nge silo elake; **26** uma kwa ku njalo wa e melwe ukuhlupeka futifuti iloku kwa sekelwa umhlaba: kodwa kaloku u bonakele ku be kanye ekupeleni kwezikati ukuba a shabalalise ukwona ngokuzinikela yena a be umhlatshelo. **27** Futi, njengaloku ku miselwe abantu ukuba ba fe ku be kanye, b'and'ukwahlulelwa; **28** ku njalo noKristu, e se nikelwe kanye ukuba a twale izono zabaningi, u ya kubonakala ngokwesibili, ngapandhle kwokwona, ku labo abamlindelayo, ku be ukusindiswa.

10 Ngoba umteto u nesitunzi nje sezinto ezilungileyo ezizayo, u nge silo uqobo lwendikimba ya lezo zinto, nga yona leyo mihlatshelo e nikelwa njalonjalo iminyaka ngeminyaka, u nge ze wa b'enza ba pelele abasondelayo. **2** Uma kwa ku nge njalo nga i nga yekwanga ukunikelwa na? loku abakonzayo, se be hlanjululwe kanye, ba be nga sa yi kuba nokuzinyeza ngezono. **3** Kantike nga leyo mihlatshelo ku kona ukukunjulwa kwezono iminyaka ngeminyaka. **4** Ngokuba a ku na kwenzeka ukuba igazi lezinkunzi nelezimbuzi li suse izono. **5** Ngakoke e se fika emhlabeni, u ti,

Umhlatshelo nomnikelo a u wu tandanga,
Kepa u ngi lungisele umzimba;
6 Iminikelo yokushiswa yonke i pela nemihlatshelo ngenxa yokwona a u y'enameli:
7 Nga se ngi ti, Bheka, ngi zile
(Emqulwini wencwadi ku lotshiwe ngami)
Ukuyenza intando yako, Nkulunkulu.

8 E se te nga senhla, Imihlatshelo neminikelo neminikelo yokushiswa yonke i pela nemihlatshelo ngenxa yokwona a u yi tandanga, a u y'enamelanga (okona ku nikelwa ngokomteto), **9** u buye wa ti, Bheka, ngi zile ukwenza intando yako. U ya susa okokuqala, ukuze a mise okwesibili. **10** Nga le ntando si ngcwelisiwe ngokunikelwa kwomzimba ka Jesu Kristu ku be kanye. **11** Abapristi bonke kambe be mi be konza imihla ngemihla be nikela futifuti yona leyo mihlatshelo,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Izono zamabomu a zi se namhlatshelo. Kumbulani izinsuku za pambili.

e nge ke i suse izono: 12 kepa yena lo, e se nikele umhlatshelo wa munye ngenxa yezono omi njalonjalo, wa hlala ngakwesokunene si ka Nkulunkulu; 13 e se lindele ku ze ku ti izita zake zenziwe isenabelo sezinyawo zake. 14 Ngokuba ngomnikelo u munye u pelelisile njalonjalo labo abangcwelisiweyo. 15 Futi uMoya oNgcwele u ya fakaza kitina; ngokuba emva kwokusho kwake ukuti,

16 Ilesi isivumelwano engi za kusenza nabo
Emva kwa lezo zinsuku, i sho iNkosi:
Ngi ya kubeka imiteto yami enhliziyweni yabo,
Ngi yi lobe na sengqondweni yabo;

U buya a ti,

17 Nezono zabo nobubi babo a ngi sa yi kukukumbula.

18 Kepa lapo ku kona ukutetelelwa kwa lezi, a ku seko ukunikela ngenxa yokwona.

19 Ngakoke, bazalwane, loku si nesibindi sokungena endaweni engcwele ngegazi li ka Jesu, 20 ngendhlela a si misela yona, indhlela entsha epilileyo ngeveli, oku ukuti inyama yake; 21 na loku si nompristi omkulu o pata indhlu ka Nkulunkulu; 22 a si sondele ngenhliziyo eqinisekileyo ngokukolwa okugcweleyo, si nezinhliziyo ezi fafaziwe ku nga biko ukuzinyeza ngokubi: umzimba wetu u gezwe ngamanzi acwebileyo, 23 a si bambisise ukuvuma kwetemba letu ukuze ku nga xegaxegi; ngokuba u kolekile yena owatembisayo: 24 a si nakane ukuze si dudane otandweni na semisebenzini emihle; 25 si nga yeki ukubutana kwetu ndawonye, njengomkuba wabanye, kepa a si vuselelane; ikakulu njengoba ni bona usuku lu sondela.

26 Ngoba uma s'ona ngamabomu emva kwokuba se s'amkele ukwazi iqiniso, a ku seko ukuba ku hlatshelwe izono, 27 kepa o se ku kona ngukulindela okutile okwesabekayo ukwahlulelwa, nesivutevute somlilo esi za kudhla aba yimpi. 28 Umuntu o weyise umteto ka Moses u ya fa, ku ngeko ububele, ngezwi lofakazi ababili noma be batatu: 29 po ni ti u za kutiwa u fanele ukushaywa okukulu kangakanani kuna loko, yena o nyatele pansi iNdodana ka Nkulunkulu, o ti igazi lesivumelwano a ngcweliswa ngalo li into nje, e talasela uMoya womusa? 30 Ngoba si ya m azi owa ti, Ku ngokwami ukupindisa, ngi ya kubuyisela mina. Wa ti futi, INkosi i ya kubahlulela abantu bayo. 31 Ku y'esabeka ukuwela ezandhleni zi ka Nkulunkulu opilayo.

32 Kepa kumbulani izinsuku za pambili, okwa ti ngazo se ni kanyisiwe, na kutazela ni lwa kakulu nezinhlupeko; 33 nganxanye ngokuba nenziwa umbukwane ngezinhlamba na ngezinkatazo; nganxanye ngokuba na ba ngabahlanganyeli naba patwa ngokunje. 34 Ngokuba na zwelana naba sekuboshweni, futi n'amkela ngokutokoza ukupangwa kwempahla yenu, n'azi ukuti ni nempahla e ngeyenu eyona inhle nehleziyo njalo. 35 Ngakoke a ni nga lahli isibindi senu, esi nehxomelo elikulu. 36 Ngokuba ni dinga ukukutazela, ukuze ku ti se nenzile intando ka Nkulunkulu, ni zuze okwatenjiswayo.

37 Ngokuba ku se za kuba isikashana nje,
Ozayo u za kufika, ka yi kulibala.
38 Kepa olungileyo wami u ya kupila ngokukolwa:
Uma ke e hlehla nyovane, umpefumulo wami a u m enameli;

39 Kepa tina a si sibo abokuhlehla ba bujiswe; si ngabokukolwa ba zuze umpefumulo.

11 Ukukolwake ku ukugaba ngezinto ezitenjwayo, ku ukuqedakala ku muntu kwezinto ezingabonwayo. 2 Ngoba okoko ba fakazelwa ngako. 3 Ngokukolwa si ya qonda ukuba konke oku kona kwa hlelwa ngezwi li ka Nkulunkulu, ngangoba okubonwayo a ku velanga kokubonakalayo. 4 Ngokukolwa uAbeli wa nikela ku Nkulunkulu umhlatshelo o dhlula o ka Kani, a fakazelwa ngako ukuti u lungile, uNkulu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukukolwa ku casiselwa nokunqoba kwako ku bonakaliswa.

nkulu e fakaza ngeminikelo yake: na ngako noma e file u sa kuluma. **5** Ngokukolwa uEnoki wa tatshatwa ukuze a nga boni ukufa; ka be e sa funyanwa, ngokuba uNkulunkulu wa be e m tabatile: ngoba u fakazelwe ukuti e nga ka tatshatwa u be tokozisile uNkulunkulu: **6** kepa ngapandhle kwokukolwa a ku na kwenzeka ukuba a tokoziswe; ngokuba ozayo ku Nkulunkulu u melwe ukukolwa ukuti u kona, nokuti u ngumvuzi wa labo abamfunayo. **7** Ngokukolwa uNoa, e xwayiswa uNkulunkulu ngezinto e be zi nga ka bonwa, esaba uNkulunkulu, wa lungisa umkumbi u be owokusindisa indhlu yake; a lahla umhlaba ngako, wa ba indhlalifa yokulunga oku ngokukolwa. **8** Ngokukolwa uAbraham, e biziwe ukuba a pume a ye endaweni a be za kuyamkeliswa i be ifa, wa lalela; wa puma, e ng'azi lapa e ya kona. **9** Ngokukolwa wa ti gozololo ezweni lesitembiso, njengokungati kweli nge silo elake, e hlala ematenteni, noIsaka, noJakobe, izindhlalifa kanye naye za leso sitembiso: **10** ngokuba wa e bheke umuzi o nezisekelo, omaki wawo nommenzi nguNkulunkulu. **11** Ngokukolwa naye uSara w'amkeliswa amandhla okukulelwa e se dhlulelwe isikati, loku wa ti u kolekile owetembisayo: **12** ngakoke kwa vela ku muntu e munye, naye e njeng'o sa fa, aba ngangezinkanyezi zezulu ngobuningi, be ngangesihlabati esi sosebeni lolwandhle, esi nge na kubalwa.

13 Ba fa labo bonke be koliwe, be nga kwamkeliswanga okwatenjiswayo, kepa be ku bonile ba ku takazela ku kude, ba vuma ba ti ba ngabafo nezihambi emhlabeni. **14** Ngoba aba sho okunjalo ba bonakalisa ukuti ba funisisa izwe eli ngelabo. **15** Uma pela be be li kumbula aba puma kulo, be be ya kuba netuba lokubuyela kulo. **16** Kepa kaloku ba langazelela elihle kuna lelo, oku ukuti, ela sezulwini: ngalokoke uNkulunkulu ka namahloni ngabo, ukuba a bizwe ngokuti uNkulunkulu wabo; ngokuba u ba lungisele umuzi.

17 Ngokukolwa uAbraham, e vinywa, wa nikela ngoIsaka: yebo, yena o be amkele izitembiso ngokujabula wa e nikela o zelwe yedwa wake; **18** o kwa tiwa kuye, Inzalo yako i ya kubizwa ngaye uIsaka: **19** e ti uNkulunkulu u namandhla okuvusa na kwabafileyo; nembalake wa m zuza kona ngomlinganiso. **20** Ngokukolwa uIsaka wa busisa uJakobe noEsau ngezinto ezizayo. **21** Ngokukolwa uJakobe, e se fa, wa busisa amadodana ka Josefa nga inye; wa kuleka, e ncika esihlokweni senduku yake. **22** Ngokukolwa uJosefa, e se pela, wa kuluma ngokupuma kwaba kwa Israeli; wa yaleza ngamatambo ake. **23** Ngokukolwa uMoses, e se zelwe, wa fihlwa abazali bake izinyanga ezintatu, ngokuba be m bona e umntwana omuhle; a ba w'esabanga umyalo wenkosi. **24** Ngokukolwa uMoses, e se kulile, w'ala ukubizwa ngokuti indodana yendodakazi ka Faro; **25** wa keta ngakanye ukupatwa kabi kanye nabantu ba ka Nkulunkulu, kunokuba a tokoze ekwoneni isikati; **26** wa ti ukucashwa ngenhlamba ngoKristo ku imfuyo enkulu kunezingcebo za sEgipite: ngokuba wa e bheka ihxomelo. **27** Ngokukolwa wa shiya iGipite, e ng'esabi ukufuteka kwenkosi: ngoba wa kutazela, wa nga ti u bona o nge na kubonwa. **28** Ngokukolwa w'enza ipasika, nokuchela ngegazi, ukuze umbubisi wamazibulo a nga ba tinti bona. **29** Ngokukolwa ba dabula eLwandhle oluBomvu kungati ku semhlabatini owomileyo: okwa ti aba sEgipite be ku linga loko ba minza. **30** Ngokukolwa izingange za seJeriko za wa, se zi zungezwe izinsuku ezi isikombisa. **31** Ngokukolwa uRahabi isifebe ka bubanga kanye nabangalaleliyo, e z'amkele izinhloli ngokutula.

32 Ngi se za kutini futi? ngi zo pelelwa isikati uma ngi balisa ngoGideon, noBaraki, noSamson, noJefta: na ngo Davida, noSamuweli nabaprofeti: **33** aba ti ngokukolwa ba nqoba imibuso, ba sebenza ukulunga, ba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Nga si dudwa ngokwenza kwabanye. Ukulaya kweNkosi ku usizo.

zuza okwatenjiswayo, ba vimba imilomo yezingonyama, **34** ba cima amandhla omlilo, ba pepa ekudhleni kwenkemba, be butakataka b'enziwa aba namandhla, ba ba iziqwaga ekulweni, ba xosha izimpi ezipakiweyo zabezizwe. **35** Abesifazana b'amkeliswa abafileyo babo be vukile: abanye ba zwiswa umunyu, be nga vumi ukuhlengwa; ukuze ba zuze ukuvuka okona ku kuhle: **36** abanye ba vivinywa ngokwenziwa igidigidi nokubaxabulwa, yebo na ngezibopo na ngokufakwa etilongweni: **37** ba kandwa ngamatshe, ba nqunywa ngesaha, ba yengwa, ba fa be cekwa ngenkemba: ba hambahamba b'embete izikumba zezimvu nezezimbuzi; be hlonga, be hlushwa, be petwe kabi **38** (o nga ba fanele umhlaba), be zula emahlane na sezintabeni na semihumeni, na semigodini yomhlaba. **39** Laba bonke, se be fakazelwe ngokukolwa kwabo, a ba zuzanga okwatenjiswayo, **40** uNkulunkulu e si bonele okuhle okutile, ukuba ngapandhle kwetu ba ng'enziwa ba pelele.

12 Ngakoke nati loku si nefu elingaka la ofakazi elisihaqileyo, a si lahle konke okusindayo, nokwona oku tandela kiti, si gijime ngokukutazela ku loko kuncintisana esikubekelweyo, **2** si bhekisa amehlo ku Jesu umqalisi nompelelisi wokukolwa kwetu, owa ti ngenxa yentokozo ayibekelweyo wa si kutazela isipambano, e delele ihlazo, wa hlala ngakwesokunene sesihlalo si ka Nkulunkulu. **3** M qondeni yena owa kutazela e pikwa kangaka izoni, ukuze ni nga dani, ni ti yetelele emipefumlweni yenu. **4** A ni ka melani nokwona ku ze ku be segazini, ni gonyozana nako: **5** ni kohliwe ukuvuselela oku qondisana nani njengokungati ku semadodaneni ku ti,

Ndodana yami, u nga deleli ukulaya kweNkosi,
U nga ti yetelele nxa u solwa iyo;
6 Ngokuba iNkosi i ya m laya emtandayo,
I shaye amadodana onke ewamkelayo.

7 Ni ya bekezela nje ku ukuba ni laywe; uNkulunkulu u ni patisa okwamadodana; ngokuba iyipi indodana uyise angayilayiyo na? **8** Kepake uma ni nga laywa, aba te bonke benziwa abahlanganyeli kuko, konake ni ngabesihlahla, a ni siwo amadodana. **9** Futi, sa si na obaba betu benyama be si laya, sa ba hlonipa: po, ikakulu a si yi kutobela uYise wemimoya, si pile na? **10** Ngokuba bona ba si laya izinsukwana njengokubona kwabo; kepa yena ngokokusisiza si ze si tole okwobungcwele bake. **11** Ukulaya konke ngokwamanje kungati a ku siko okwentokozo, ku ngokwosizi; kepa ngasemva, ku ya ba telela isitelo sokutula aba hlakahliswa yiko yebo esokulunga. **12** Ngakoke pakamisani izandhla ezite ja namadolo atekezelayo; **13** n'enzele izinyawo zenu izindhlela eziqondileyo, ukuba okuxugayo ku nga pinyazeki kepa ku pulukiswe.

14 Jokani ukuba ni be nokutula nabantu bonke, nokungcweliswa a nge bone iNkosi noyedwa e nge nako; **15** ni bhekisise, funa ku be kona osileleyo emuseni ka Nkulunkulu: funa impande imbe ebabayo i mile i ni xobise, ku ngcoliswe abaningi iyo; **16** funa ku be kona o isifebe, noma odumazayo njengoEsau, owa tengisa ngelungelo lobuzibulo bake ukuba a dhle kanye nje. **17** Ngoba ni y'azi, ukuti ngasemva e se tanda ukusidhl' ubufa isibusiso wa nqatshwa; ngoba ka yi tolanga indawo yokuguquka ku ka yise, noma wa yi funisisa ngezinyembezi.

18 Ngoba a ni zile entabeni epatekayo, eshayo umlilo, na koku te tile na sebumnyameni, na sesivunguvungwini, **19** na sekukaleni kwecilongo, na sekuzwakaleni kwamazwi; aba ti ukukuzwa ba ncenga, ba ti a ku nga be ku s'enezelwa izwi kubo; **20** ngoba ba be nge na kumela aba yalwa ngako ukuti, Noma inkomo i tinta intaba, i ya kukandwa ngamatshe; **21** kwa kwesabeka kangaka okwabonakalayo, ngangoba uMoses wati, Ngi y'esaba kakulu, ngi ya tutumela: **22** kodwa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ni ze entabeni iZion, na semzini ka Nkulunkulu opilayo iJerusalem la sezulwini, na sezingelosini ezi izigidigidi, 23 na kuwo umgwamanqa nebandhla lamazibulo, a bhaliwe ezulwini, na ku Nkulunkulu, uMahluleli wabo bonke, na kuyo imimoya yabalungileyo abapeleliswayo, 24 na ku Jesu umlamuli wesivumelwano esisha, na segazini lokufafaza eli kuluma okuhle kuneli ka Abeli. 25 Bhekani, ni nga m ali okulumayo. Ngokuba uma be nga pepanga labo, be m ala yena owabaxwayisayo emhlabeni, kakulu kangakanani tina uma si m fulatela o xwayisa e sezulwini: 26 ozwi lake la nyakazisa umhlaba nga leso sikati, kepa manje u tembisile, wa ti, Ku se za kuba kanye ngi zamazamise ku nga bi umhlaba wodwa ku be nezulu futi 27 Lokoke kokuti, Ku se za kuba kanye ku tshenisa ukuguqulwa kokunyakaziswayo, njengoba ku okwenziweyo ukuze loko okunganyakaziswayo ku hlale. 28 Ngakoke, loku s'amkeliswa umbuso o nge na kunyakaziswa, a si be nokubonga, esi nga m konza uNkulunkulu ngako, si m tokozise, si nokuhlonipa novalo: 29 ngokuba uNkulunkulu wetu u ngumlilo odhlayo.

13 A lu me njalo utando lobuzalwane. 2 Ni nga kohlwa ukungenisa kahle izihambi: ngokuba ngako abanye ba ke ba ngenisa izingelosi be ng'azi. 3 Ba kumbuleni ababoshiweyo, kungati ni boshiwe kanye nabo; naba petwe kabi, njengoba nani ni semzimbeni. 4 Ukuganana a ku tuswe yibo bonke; ucansi lu nga bi na sisihla, ngoba izifebe nezipingi, uNkulunkulu u ya kuzahlulela. 5 A ni be nesimilo sokungatandi imali: ma n'aneliswe ngeni nako; ngokuba yena u te, A ngi soze nga ku yeka, a ngi soze nga ku shiya. 6 Njaloke si nesibindi si ti,

INkosi i ngumsizi wami, a ngi yi kwesaba;
Umuntu u zo kwenzani kimi na?

7 Ba kumbuleni aba be ni pete, aba kuluma kini izwi li ka Nkulunkulu; ni tike ni qonda ukupela kwenkambo yabo, ni lingise ukukolwa kwabo: 8 UJesu Kristu uyena izolo, na namhla, yebo, na nini: 9 ni nga peshulwa yizifundiso eziningiingi nezingaziwayo; ngoba kuhle ukuba inhliziyo i qiniswe umusa, ku nga bi ngokudhla, aba nga sizakalanga ngako aba hamba ngako. 10 Si nelati tina, aba nge na lungelo lokudhla kulo aba konza itabanekele. 11 Ngoba izidumbu za lezo zilwane, igazi lazo eli ngeniswa umpristi omkulu endaweni engewele, ngenxa yezono, zi shiswa ngapandhle kwekamu. 12 Ngakoke naye uJesu, ukuze a ngcwelise abantu ngegazi lake, wa hlupeka ngapandhle kwesango. 13 Ngakoke a si pumele kuye ngapandhle kwekamu, si twele isihlamba sake. 14 Ngoba lâpa a si na muzi omiyo; kepa si ya wu funisisa ozayo. 15 Ngakoke a si nikele njalonjalo ku Nkulunkulu ngaye umhlatshelo wokubonga, oku ukuti, isitelo somlomo o vuma igama lake. 16 Kepa ukwenza okuhle nokuhlanganyela ekupaneni ma ni nga kohlwa yiko: ngokuba imihlatshelo enje uNkulunkulu u tokoziswa iyo. 17 Lalelani abanipeteyo, ni ba tobele: ngokuba be linda imipefumulo yenu, njengaba za ku landiswa; ukuze b'enze loko ngokutokoza, be nga bubuli: ngokuba loko ku nge be usizo kini.

18 Si tandazeleni: ngokuba si y'etemba, si ti, si nonembeza omuhle, si tanda ukuhamba kahle ezintweni zonke. 19 Ngi ya ni vuselela kakulu ukuba n'enze loko, ukuze ngi buyiselwe kini masinyane.

20 Wa nga uNkulunkulu wokutula, owa kupula kwabafileyo umalusi omkulu wezimvu, ngegazi lesivumelwano esimiyo njalo, iNkosi yetu uJesu, 21 a nga n'enza ni pelele kuko konke okulungileyo, ni ze n'enze intando yake, enza kiti okutokozisayo emehlweni ake ngaye uJesu Kristu; a ku be kuye udumo ku ze ku be nini na nini. Amen.

22 Ngi ya ni vuselela bazalwane, bekezelelani izwi lokuvuselela; ngokuba ngi lobele kini ngokufushane.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

U ya konza. Isibusiso.

23 Yazini ukuti umfo wetu uTimote u kululiwe; engi ya kunibona ngi naye uma e fika masinyane.
24 Konzani kubo bonke abanipeteyo, na kubo bonke abangcwele. Aba seItaliya ba konza kini.
25 Umusa a u be nani nonke. Amen.

INCWADI KA

JAKOBE

Ukuyengwa a ku veli ku Nkulunkulu. Yibani abenzayo izwi.

1 UJakobe inceku ka Nkulunkulu neyeNkosi uJesu Kristu, kuzo izizwe ezi ishumi nambili ezihlakazekileyo, u ya konza.

2 Bazalwane bami, a no ti ku ukutokoza kodwa, nxa ni ponseka ezilingweni ngezilingo; 3 nazi ukuti ukuvivinywa kokukolwa kwenu ku veza ukukutazela. 4 Ukukutazelake a ku be nomsebenzi opeleleyo, ukuze ni pelele, ni ti hlabahlosi ni nga sweli luto.

5 Kepa uma ku kona kini o swele ukuhlakanipa, ka cele ku Nkulunkulu, obapayo bonke e nge na nhlengo e nga jakaji; u ya kukupiwake. 6 Kepa ka cele ngokukolwa e nga ngabazi luto; ngoba ongabazayo u njengedhlambi lolwandhle, eli qutshwa umoya, li gubha. 7 Ngoba ma ka nga sho lowo muntu ukuti u za kwamkeliswa uto iNkosi; 8 umuntu onhliziyombili, o guquguquka ezindhleleni zake zonke.

9 Kepa umzalwane otobekileyo ma ka zigabise ekupakanyisweni kwake: 10 o isicebi ma ka zigabise ekutotshisweni kwake: ngokuba u ya kudhlula njengembali yotshani. 11 Ngoba ilanga li puma li nesamvu, li bunise utshani; imbali yabo i vutuluke, ubuhle bokubukeka kwayo bu bube: ku njalo n'o isicebi u ya kucimelela ekuhambeni kwake.

12 U busisiwe umuntu okutazelayo ekulingweni: ngokuba e se vivinywe wa vunywa, u ya kwamkeliswa umqele wokupila aba wu tenjiswa iNkosi labo abayitandayo. 13 Ma ku nga sho muntu nxa e yengwa, ukuti Ngi yengwa uNkulunkulu; ngokuba uNkulunkulu a nge yengwe ngokubi, naye ka yengi muntu: 14 kepa ilowo u ya yengwa, nxa e hungulwa izinkanuko zake, a huheke. 15 I bi si tike inkanuko, la se i tatile, i belete ukwona: ukwona, se ku kulile, ku zala ukufa. 16 Ni ng'eduswa, bazalwane bami abatandekayo. 17 Izipo zonke ezilungileyo nezipo zonke ezipeleleyo zi vela pezulu, zehla ku Yise wezinkanyiso, oku nge be kona kuye ukuguquka, netunzi elenziwa ngokupenduka. 18 Ngentando yake wa si zala ngezwi leqiniso, ukuze si be okungati ulibo lwezidalwa zake.

19 Ni ya kwazike loko, bazalwane bami abatandekayo. Kepa a ku be ilowo muntu a sheshe ukuzwa, epuze ukukuluma, epuze ukutukutela; 20 ngoba ulaka lwabantu a lu vezi ukulunga ku ka Nkulunkulu. 21 Ngakoke lahlani ubunuku bonke nokupupuma kwobubi, n'amkele ngobunene izwi elitshaliweyo, eli namandhla okusindisa imipefumulo yenu. 22 Kepa yibani abenzayo izwi, ni nga bi abezwayo nje, ni zikohlisa. 23 Ngoba uma umuntu e ngolizwayo nje izwi e nge siye ol'enzayo, u fana nomuntu o buka ubuso bake bokuzalwa, esibukweni: 24 ngokuba u ya zibuka, a muke qede a kohlwe ukuba u be umuntu onjani. 25 Kodwa o bukisisa emtetweni opeleleyo, umteto wenkululeko, a hlale njalo kuwo, e nge siye ozwayo nje a kohlwe, e

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ngowenzayo a sebenze, lowoke u za kubusiswa ekwenzeni kwake. 26 Uma e kona o ti u ngokolwayo, e nga bambi ngetomu ulimi lwake, e kohlisa inhliziyo yake, ukukolwa kwa lowo muntu ku yize. 27 Ukukolwa okuhlambululekileyo oku nge na sisihla pambi ku ka Nkulunkulu wetu uBaba yiloku: ku ukuhamba izinkedama nabafelokazi ekukatazekeni kwabo, nokuzigcina a nga bi na bala lokomhlaba.

2 Bazalwane bami, ni nga ku pati ukukolwa eNkosini yetu uJesu Kristu, iNkosi yobukosi, ngokuketa ubuso babantu. 2 Ngoba uma ku ngena esinagogeni lenu umuntu o nezindandato zegolide, e nezingubo ezi makwezikwezi, ku ngene futi ompofu e nezingubo ezinukubeleyo; 3 ni m nake yena o fake izingubo ezi makwezikwezi, ni ti, Hlala lapa u hlale kahle wena; ni ti kompofu, Yima lapaya, mhlaumbe ni ti Hlala lapa pansi kwesenabelo sezinyawo zami; 4 po, a ni hlululi ke pakati kwenu, ni be ngabahluleli aba nemicabango emibi na? 5 Lalelani, bazalwane bami abatandekayo; uNkulunkulu ka ba ketanga yini abampofu ngokomhlaba, ba be abacebileyo ekukolweni, ba be izindhlalifa zombuso a wu tembisa bona abamtandayo? 6 Kantike nina ni m dumazile ompofu. Abacebileyo ka ba ni pati ngokahla na? bona a ba ni huduleli emacaleni na? 7 A ba li hlambalazi igama elihle eni bizwa ngalo na? 8 Kantike uma ni pelelisa umteto wa konkosi ngokwombhalo o ti, Wo tanda umakelwane wako njengokuzitanda kwako, n'enza kahle: 9 kodwa uma ni keta ubuso babantu, n'enza isono, ni lahliwe umteto njengabaweqayo. 10 Ngoba o za kugcina umteto wonke, kepake a kubeke kowodwa nje, u se necala layo yonke. 11 Ngoba yena owa ti, U nga pingi, wa ti futi, U nga bulali. Umake u nga pingi, kanti u bulala, u su ngoweqayo umteto. 12 Kulumani, nenze njengabantu aba za kwahlulelwa ngomteto wenkululeko. 13 Ngoba ukwahlulela a ku na sihau kuye o ng'enzanga okwesihau; isihau si gabisela ukwahlulela.

14 Ku sizani, bazalwane bami, uma umuntu e ti u nokukolwa, a be e nge na misebenzi? loko kukolwa ku nga m sindisa na? 15 Uma umfo wenu noma udade wenu be hambaze be swele ukudhla kwemihla, 16 a ti ke omunye wenu kubo, Hambani kahle, ni fudumale ni sute; kanti a ni ba niki lezo zinto zomzimba ezidingekayo; ku sizani na? 17 Ku njalo nokukolwa, uma ku nge na misebenzi, ku file ngokwako. 18 Yebo umuntu u za kuti, Wena u nokukolwa, mina ngi nemisebenzi: ngi bonise ukukolwa kwako ngapandhle kwemisebenzi yako, namike ngi ya kukubonisa ngemisebenzi yami ukukolwa kwami. 19 U ya kolwa ukuti uNkulunkulu munye; wenza kahle: amademone nawo a ya kolwa, a hlakanyeke. 20 Kepa u ya tanda ukwazi yini, wena muntundini o yize, ukuti ukukolwa ngapandhle kwemisebenzi ku putile? 21 Angiti uAbraham ubaba wetu wa tetwa ngemisebenzi, e se nikele indodana yake uIsaka elatini na? 22 U ya bona ukuti ukukolwa kwa sebenza kanye nemisebenzi yake, ukukolwa kwa peleliswa ngemisebenzi; 23 kwa gcwaliseka umbhalo o ti, UAbraham wa kolwa uNkulunkulu, kwa balelwa kuye ku tiwa ukulunga; wa bizwa ngokuti umhlobo ka Nkulunkulu. 24 Ni ya bona ukuti umuntu u ya tetwa ngemisebenzi, ku nge ngokukolwa kodwa nje. 25 Ngoku njaloke noRahabi isifebe ka tetwanga yini ngemisebenzi, loku w'amkela izigijimi, wa zi kipa ngenye indhlela? 26 Ngoba njengokuba umzimba ngapandhle kwomoya u file, ku njalo ukukolwa ngapandhle kwemisebenzi ku file nako.

3 Ni nga bi ngabafundisi abaningi, bazalwane bami, n'azi ukuti si ya kwamkeliswa ukwahlulelwa okona ku kulu. 2 Ngokuba si ya kubeka sonke ngokuningi. Uma umuntu e nga kubeki ngezwi, lowo u yindoda epeleleyo, e namandhla okubamba ngetomu nomzimba wonke. 3 Ke-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

pa uma si faka amatomu amahashi emilonyeni yawo ukuze a si lalele, si ya wa pendula futi umzimba wonke. **4** Bheka nemikumbi, noma i ngakaya i qutshwa imimoya e namandhla, noko i pendulwa ngepini elincinyanyana, lapo umqondisi wayo e suk'e tanda ukuba i ye kona. **5** Lu njalo nolimi lu isito esincane, kepa lu ya wawaza kakulu. Bheka, umlilo o nge ngakanani wokela izinkuni ezingaka! **6** Nolimi lu ngumlilo: ulimi lu mi lu ngumhlaba wokungalungi pakati kwezito zetu, lu ninda umzimba wonke, lu tungela isondo lemvelo yetu, lu tungelwa lona igehena. **7** Ngoba izinhlobo zonke zezilwane nezezinyoni, nezokuhuquzelayo neza selwandhle zi ya tanjiswa, za ke za tanjiswa uhlobo olu ngabantu: **8** kepa ulimi a kako ku bantu o namandhla ukulutambisa; lu ngububi obushobashobayo, lu gcwele isihlungu esibulalayo. **9** Ngalo si bonga iNkosi uBaba; na ngalo si qalekisa abantu ab'enziwe ngomfanekiso ka Nkulunkulu: **10** ku puma mlonyeni munye ukubusisa nokuqalekisa. Bazalwane bami, a ku fanele ukuba loku ku be njalo. **11** Umtombo u mpompoza amnandi nababayo ofanteni lunye na? **12** umkiwane, bazalwane bami, u nga tela izinhlamvu zomnqumo na? umvini u nga tela amakiwane na? namanzi a umtata a nge ke a veza amnandi.

13 Ubani ohlakanipileyo n'o nokwazi pakati kwenu? a ka bonise ngenkambo yake enhle imisebenzi yake ngobunene bokuhlakanipa. **14** Kodwa uma ni nomona obabayo nombango enhliziyweni yenu, ni nga zigabisi ni nga li qambeli iqiniso. **15** Loku kuhlakanipa a siko okwehla pezulu, ku ngokwomhlaba, ku ngokwemvelo, ku ngokwamademone. **16** Ngokuba lapa ku kona umona nombango, ku kona iziyaluyalu nemigidingo yonke emibi. **17** Kepa ukuhlakanipa oku vela pezulu okwokuqala ku cwebile anduba ku be nokutula, ku vile, ku ya lalela, ku gcwele isihau nezitelo ezilungileyo, a ku na kungabaza, a ku na kuzenzisa. **18** Isitelo sokulunga si hlwanyelwa ngokutula ibo abakwenzayo ukutula.

4 Zi velapi izimpi ku velapi nokulwa pakati kwenu na? a zi veli lapa nje ezinjabulweni zenu ezilwayo ezitweni zenu na? **2** Ni ya kanuka ni nga toli: ni ya bulala, ni ba nomona, ni nga bi na kuzuza: ni ya lwa nenza impi; a ni toli, ngokuba ni nga celi. **3** Ni ya cela, a n'amkeliswa, ngokuba ni cela kabi, ukuze ni ku citele ezinjabulweni zenu. **4** Nina zipingikazi, a n'azi yini ukuti ubuhlobo bomhlaba bu ubuta ku Nkulunkulu? Ngakoke lowo o tanda ukuba umhlobo womhlaba u mi e isita ku Nkulunkulu. **5** Kambe ni ya cabanga yini ni ti umbhalo u sholo ize ukuti, Umoya a w'enza u hlale pakati kwetu u ya langazela ngokwomona na? **6** Kepa u nika umusa omkulu ngakumbe. Ngako umbhalo u ti, UNkulunkulu u tiyana nabazidhlayo, kepa u nika umusa abatobileyo. **7** Ngakoke tobelani uNkulunkulu; ni melane nomhlebi, u za kunibalekela. **8** Sondelani ku Nkulunkulu, u za kusondela kinina. Hlambululani izandhla zenu, nina zoni; ni potule izinhliziyo zenu, nina bonhliziyombili. **9** Yibani lusizi, ni lile, ni kale: ukuhleka kwenu a ku penduke ukulila, nokutokoza kwenu a ku be ukukwantabala. **10** Zitobeni emehlweni eNkosi, yo ni pakamisa.

11 Ni nga nyevuzani, bazalwane. O nyevuza umzalwane wake, noma ahlulele umzalwane wake, u nyevuza umteto, ahlulele umteto: kepa uma wahlulela umteto, a u siye owenza okomteto, u ngumahluleli. **12** Munye o ngumenzi womteto n'o ngumahluleli, lowo o namandhla okusindisa nokububisa: u ngubani wena o wahlulela umakelwane?

13 Minani, nina eni ti, Namhla noma ngomso si ya kuya ku lo muzi, si qede kona umnyaka, si hwebe, si zuze: **14** inganti nina a ni kwazi okwa ngomso. Ku yini ukupila kwenu? Ngoba ni yinkwezane e bonakala isikashana, i bi si nyamalala. **15** Endaweni yokuba ni ti, Uma

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku xwayiswa abacebileyo. "U ya kusindisa umpefumulo ekufeni."

iNkosi i tanda, si ya kupila, senze ukuti nokuti. 16 Kepa kaloku ni ya zigabisa ngokuzigqabha kwenu: konke ukuzigabisa okunje kubi. 17 Owaziyo ke ukwenza okuhle, e nga kwenzi, ku isono kuye.

5 Minani, nina zicebi, kalani ni hxiwule ngenxa yezinsizi zenu ezi za pezu kwenu. 2 Ingcebo yenu i bolile, izingubo zenu zi dhliwe izinundu. 3 Igolide nesiliva lenu ku gwalile; ukugwala kwako ku ya kuba ubufakazi ngani, ku dhle inyama yenu njengomlilo. Ni zibekelelele ingcebo ezinsukwini zokupela. 4 Bhekani, umvuzo wezisebenzi ezi vune amasimu enu, o godhlwe yini ngobuqili, u ya kala: ukumbongoza kwabo abavunileyo ku ngenile ezindhlebeni zeNkosi yamabandhla. 5 Ni tamasile emhlabeni, na bunusa; n'ondhlile izinhliziyo zenu ngosuku lokuhlaba. 6 Ni lahlile, na bulala olungileyo; ka tiyani nani.

7 Ngakoke bekezelani, bazalwane, i ze i fike iNkosi. Bhekani, umlimi u ya lindela isitelo esi igugu somhlabati, e bekezela ngaso, si ze si tole imvula yokuqala neyamuva. 8 Bekezelanike nani; ni simamise izinhliziyo zenu: ngokuba ukufika kweNkosi ku sondele. 9 Ni nga vungamelani, bazalwane, ukuze ni ngahlulelwa: nangu umahluleli u mi pambi kweminyango. 10 Tabatani, bazalwane, ba be isibonelo sokuhlupeka nesokubekezela, abaprofeti aba kuluma egameni leNkosi. 11 Bhekani, si ti ba busisiwe abakutazelayo; ni zwile ngokukutazela ku ka Jobe, ni bonile impeto yeNkosi, ukuti iNkosi i nesihe esikulu, nobubele.

12 Kepa ngapezu kwako konke, bazalwane bami, ni nga fungi nakuba izulu nakuba umhlaba, nakuba esinye isifungo: uyebo wenu a ka be uyebo, uqa wenu a ka be uqa; ukuze ni ng'eyeli ekulahlweni.

13 Ku kona ohlupekayo pakati kwenu? ma ka tandaze. Ku kona owenamileyo na? a ka vume amahubo. 14 Ku kona o butakataka pakati kwenu na? a ka bize amalunga ebandhla; a tandaze pezu kwake e m gcoba ngamafuta egameni leNkosi: 15 umtandazo wokukolwa u ya kusindisa ogulayo, iNkosi i m vuse; uma enzile izono, u ya kutetelelwa. 16 Ngakoke vumani izono zenu omunye komunye, ni tandazelane, ukuze ni pulukiswe. Ku namandhla kakulu ukunxusa kolungileyo ekusebenzeni kwako. 17 UElija wa e ngumuntu o njengati ngokomdabuko, wa tandaza nokutandaza ukuba li nga ni; a li nanga emhlabeni iminyaka emitatu nezinyanga ezi isitupa. 18 Wa buya wa tandaza; izulu la na imvula, umhlabati wa tela izitelo zawo.

19 Bazalwane bami, uma umuntu pakati kwenu eduka eqinisweni, omunye a m guqule; 20 ma k'azi ukuti o guqula isoni ekwedukeni kwendhlela yaso, u ya kusindisa umpefumulo ekufeni, a sibekele izono ezininingi.

INCWADI YOKUQALA KA

PETRO

U ya bingelela.

1 UPetro, umpostoli ka Jesu Kristu, kwabaketiweyo aba te gozololo be hlakazekele e Ponto, na seGalatiya, na seKapadokiya, na seAsiya, na seBituniya, 2 ngokwokwazi pambili ku ka Nkulunkulu u Yise, ngokungcwelisa ku ka Moya, be ketelwa okokuba ba lalele ba fafazwe ngegazi li ka Jesu Kristu: Ma kwandiswe kinina umusa nokutula.

3 Ma ka bongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yetu uJesu Kristu, owa si zala ngokusha ngokwesihau

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ifa elingonakaliyo. "A ni hlengwa ngezinto ezonakalayo."

sake esikulu si be netemba elipilileyo ngokuvuka ku ka Jesu Kristu kwabafileyo, 4 si be nefa elingonakaliyo, eli nge na sisihla, elingabuniyo, eni li gcinelwe ezulwini, 5 nina eni lindwa ngamandhla ka Nkulunkulu ngako ukukolwa ku be ukusindiswa oku lungele ukwambulwa ngesikati sokupela. 6 Enetaba ngako, nokuba manje ngesikashana, uma ku dingeka, ni dabukisiwe ngokulingwa okuninginingi, 7 ukuze ukuvivinywa kwokukolwa kwenu oku igugu kakulu kunegolide elibubayo noma li vivinywe ngomlilo, ku funyanwe ku nokubatshazwa nodumo nokutuseka ekuhlalukeni ku ka Jesu Kristu: 8 enimtandayo ni nga m bonanga; eni ti ni nga m boni nje manje kanti ni kolwa uye, ni y'etaba ngentokozo engakulumekiyo n'e gcwele ubukosi: 9 ni zuza impumelelo yokukolwa kwenu, oku ukuti ukusindiswa kwemipefumulo yenu. 10 Nga loku kusindiswa ba funisisa ba penyisisa abaprofeti, aba profeta ngomusa o b'u za kuza kinina: 11 be penya ukuti yisipi nokuba si njani isikati asikombayo uMoya ka Kristu owa e ku bona, e fakaza ngapambili ngokuhlupeka ku ka Kristu, nobukosi obu za kukulandela. 12 Okw'ambulwa kubo ukuti a ba zikonzi bona, kepa ba konza nina nga lezi zinto, eni zi tshelwa manje ibona, aba ni shumayeza ivangeli ngaye uMoya oNgcwele o tunywe e vela ezulwini; izintó izingelosi ezi tanda ukuzibukisisa.

13 Ngako zi bopeni izinkalo zengqondo yenu, ni zitibe, ni tembele ngokupeleleyo emuseni eni za kuwuletelwa ekuhlalukeni ku ka Jesu Kristu; 14 njengabantwana abalalelayo, ni nga lingisi izinkanuko zenu zokuqala ekungazini kwenu: 15 kodwa njengaloku owanibizayo e ngcwele, nanike yibani ngcwele kuyo yonke inkambo yenu; 16 ngokuba ku lotshiwe ukuti, A ni be ngcwele, ngokuba ngi ngcwele. 17 Uma ni m teta ni ti nguYihlo, yena o wahlulela ngokwemisebenzi yabantu ngabanye, e nga keti buso, hlalani isikati eni te gozololo ngaso nesaba: 18 n'azi ukuti a ni hlengwanga ngezinto ezonakalayo, isiliva negolide, enkambweni yenu e yize ena yi nikezwa oyihlo; 19 na hlengwa ngegazi eli igugu kungati elemvana e nge na sici e nge na sishishi eli ka Kristu; 20 o w'aziwa pambili u nga ka sekelwa umhlaba, kepa wa bonakaliswa ekupeleni kwezikati ngenxa yenu, 21 eni ngaba kolwa ngaye ku Nkulunkulu, owa m vusa kwabafileyo, wa m nika udumo; ukuze ukukolwa kwenu nokwetemba ku be ku Nkulunkulu. 22 Se ni ti ni potule imipefumulo yenu ngokulalela iqiniso ni ze ni tande abazalwane ngokungazenzisi, tandanani ngenhliziyo epokopeleyo: 23 ni zelwe ngokusha, ku nge ngembeu eyonakalayo, ku ngeng'onakaliyo, ngezwi li ka Nkulunkulu, elipilileyo elimiyo. 24 Ngokuba

> Inyama yonke i njengotshani,
> Ubukosi bonke bayo bu njengembali yotshani.
> Utshani bu ya buna, imbali i ya vutuluka:

25 Kepa izwi leNkosi limi ku ze ku be nini.

Yileloke izwi lezindaba ezinhle ela shunyayelwa kinina.

2 Ngako a ni ti se ni lahlile ububi bonke, nobuqili bonke nokuzenzisa, nomona, nokunyevuza konke, 2 njengezingane ezi sand'ukuzalwa, ni langazelele ubisi olu ngokwomoya olu nge na buqili, ukuze ni kule ngalo ni ze ni sindiswe: 3 uma pela se ni nambite n'ezwa ukuti iNkosi i mnene: 4 eni ti ni za kuyo, i itshe elipilileyo, eli nqatshwa pela abantu, kepa li ketekile ku Nkulunkulu, li igugu, 5 nanike, njengamatshe apilileyo, n'akiwa ni be indhlu yokomoya, ni ze ni be ubupristi obungcwele, ukuba ni nikele imihlatshelo yokomoya, eyamkelekayo ku Nkulunkulu ngaye uJesu Kristu. 6 Ngokuba ku kona embhalweni ukuti,

> Bheka, ngi ya beka eZion itshe eli inqubu yegumbi, eliketiweyo, eli igugu:
> O kolwa uye ka yi kujabiswa.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Tobelani izimiso zabantu ngenxa yeNkosi. Iziyalo.

7 Ngako ngelenu leli gugu, nina enikolwayo: kepa kwabangakolwayo,
Itshe abalinqabayo abaki,
Ilona e se la ba inhloko yegumbi;
8 futi,
Itshe lokuquzula, idwala lokukubekisa;
ngoba ba quzuka ezwini, be nga laleli: into aba be miselwe yona. 9 Kepa nina ni uhlanga oluketiweyo, ubupristi obu ubukosi, isizwe esingcwele, abantu aba imfuyo ka Nkulunkulu, ukuze ni veze isitonga sake, owa ni biza ukuba ni pume ebumnyameni ni ngene ekukanyeni kwake okumangalisayo: 10 e kade na ni nge sibo abantu, kepa manje ni ngabantu ba ka Nkulunkulu: ena ni nga haukelwanga, kepa manje ni haukelwe.

11 Batandwa, ngi ya ni ncenga njengoba ni ngaba te gozololo nezihambi, ukuba ni dede ezinkanukweni zenyama, ezi lwa nompefumulo; 12 ni nenkambo enhle pakati kwabezizwe; ukuze lapo be ni nyevuza ngokungati nenza okubi, ku ti ngemisebenzi yenu elungileyo abayibonayo, ba dumise uNkulunkulu ngosuku lokuhanjelwa kwabo.

13 Tobelani izimiso zonke zabantu ngenxa yeNkosi: nokuba ku yinkosi njengoba i ungqongqoshe; 14 nokuba ababusi njengoba be tunywa iyo ukuba ba pindise kwab'enza okubi, ba babaze ab'enza okulungileyo. 15 Ngokuba i njalo intando ka Nkulunkulu ukuba ngokwenza okulungileyo ni ku vale umlomo ukungazi kwabantu aba izipukupuku: 16 ni ngabakululekileyo kambe, kepa ni ng'enzi ukukululeka kwenu ku be isigubuzelo sobubi, kepa ni be izigqili zi ka Nkulunkulu. 17 Hlonipani abantu bonke. Tandani abazalwane. Yesabani uNkulunkulu. Ni hlonipe inkosi.

18 Zisebenzi, tobelani amakosi enu ngokwesaba konke; ku nga bi alungileyo navileyo kupela, a ku be na izigwegwe. 19 Ngokuba ku ya bongeka loku, uma umuntu ngokulalela unembeza mayelana noNkulunkulu e twala izinsizi, e hlutshwa ngokungafanele. 20 Ngoba ku ludumo luni uma ku ti, ni muhluzwa ngoba n'ona ni bekezele? kodwa uma n'enza okulungileyo, ni hlupeke ngako, ni bekezele, loku ku ya bongeka ku Nkulunkulu. 21 Ngoba na bizelwa kona loku: ngokuba noKristu wa hlupekela nina, e ni shiya nesibonelo sokuba ni landele emkondweni wake: 22 o ng'enzanga sono, a ku funyanwanga nabuqili emlonyeni wake: 23 owa ti e tukwa, a ka pindisanga a tuke; nxa e hlupeka, a ka cupisanga; kepa wa ziyekela ku yena o wahlulela ngokulunga: 24 oyena wa twala izono zetu emzimbeni wake emtini, ukuze ku ti se si file nga kuzo izono, si pile ekulungeni; o mivimbo yake na pulukiswa ngayo. 25 Ngokuba na n'eduka njengezimvu kodwa manje se ni buyele ku Malusi noMbonisi wemipefumulo yenu.

3 Ngokunjalo nani, bafazi, tobelani awenu amadoda; ukuze ku ti noma e kona a nga laleli izwi, a zuzwe ngenkambo yabafazi bawo ngapandhle kwezwi; 2 e bona inkambo yenu emhlope i kanye nokwesaba. 3 Ukuhloba kwenu a ku nga bi oku ngapandhle okokwaluka izinwele, nokokuvunula ngegolide, nokokugqoka izingubo; 4 a ku be umuntu ositekileyo wenhliziyo, a gqoke ezingonakaliyo zomoya omnene nozolileyo, owona u nenani elikulu emehlweni ka Nkulunkulu. 5 Ngoba ba b'enza ngokunjalo nabesifazana abangcwele ba sendulo, aba be tembela ku Nkulunkulu, ukuhloba kwabo, be tobela awabo amadoda: 6 njengokuba uSara wa lalela uAbraham, e m biza ngokuti inkosi: e se ni ngabantwana bake, uma n'enza okulungileyo, ni ng'esatshiswa na yikupi okwetusayo.

7 Ngokunjaloke nani, madoda, hlalani nabo ngokwokwazi, ni m abele owesifazana ukutuseka, njengesitsha esona si butakataka, njengoba ni izindhlalifa kanye naye zomusa wokupila; ukuze imitandazo yenu i nga tiyeki.

8 Ukugcinake, a ni be nhliziyonye nina nonke, ni zwelane, ni tandane

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

njengabazalwane, ni be nesihe, ni be nenhliziyo etobileyo: 9 ni nga pindisi okubi ngokubi, nokutuka ngokutuka; ngakanye ni busise; loku na bizelwa konaloko, ukuba ni si dhl'ubufa isibusiso. 10 Ngokuba,

Yena o funa ukutanda ukupila,
A bone izinsuku ezinhle,
Ma ka nqande ulimi lwake kokubi,
Nomlomo wake u nga kulumi ubuqili:
11 Ma ka gweme ebubini, enze okuhle;
Ma ka fune ukutula, a ku landele.
12 Ngokuba amehlo eNkosi a pezu kwabalungileyo,
Izindhlebe zayo zi sekunxuseni kwabo:
Kepa ubuso beNkosi bu pezu kwab'enza okubi.

13 Ubanike o ya kunipata kabi, uma ni shisekela okulungileyo na? 14 Kodwa nokuba ni te na hlupeka ngenxa yokulunga, ni busisiwe: ni ng'esabi ukwesabisa kwabo, ni nga tatazeli; 15 kepa m ngcweliseni uKristu okweNkosi ezinhliziyweni zenu: ni hlale ni lungele ukuzipendulela kubo bonke aba ni buza isizatu sokwetemba oku kinina, kodwa ku be ngobunene nokwesaba, 16 ni nonembeza omuhle; ukuze ku ti ku loko eni nyevuzwa kuko, ba jabe aba somboza inkambo yenu elungileyo ku Kristu. 17 Ngoba kuhle, uma intando ka Nkulunkulu i tanda loko, ukuba ni hlupeke ngokwenza okulungileyo kunokuba ku be ngokwenza okubi. 18 Ngokuba uKristu naye wa hlupeka ngezono kwa ba kanye, olungileyo ngenxa yaba nga lungile, ukuba a si yise ku Nkulunkulu; e bulawa pela enyameni, kepa enziwa a pile emoyeni; 19 a ti e kuwo wa hamba wa shumayeza omoya aba sekuboshweni, 20 aba kade be nga laleli, lapo ku sa lindile ukubekezela ku ka Nkulunkulu ngezinsuku zi ka Noa, u sa lungiswa umkumbi, okwa sindiswa kuwo aba ingcozana, ukuti abantu aba isishiyangalombili, ngamanzi: 21 eni sindiswa ngawo nani manje ngokomfanekiso, oku ukuti ukubapatizwa, ku nge siko ukususa insila yenyama, kodwa ukubuzisisa ku ka nembeza omuhle ku Nkulunkulu, ngokuvuka ku ka Jesu Kristu; 22 o se nga kwesokunene si ka Nkulunkulu, e yile ezulwini; se ku totshelwe kuye izingelosi nezi nesiqolo nezinamandhla.

4 Loku pela uKristu wa hlupeka e senyameni, hlomani nani kona loko kuqonda; ngoba yena o hlupekile e senyameni u kumukile ekwoneni; 2 ukuba ni nga be ni sa hlala isikati esiseleyo, ni se senyameni, ngezinkanuko zabantu, ni hlale ngentando ka Nkulunkulu. 3 Ngokuba isikati esidhlulileyo be s'anele ukwenza oku tandwa abezizwe, nokuhamba ekuqweneleni, na sezinkanukweni, na sekujinjeni iwayini, na sekuwekezeleni kwotshwala, na semtayini, na sekukonzeni izitombe oku icilo: 4 aba mangala ngako ngokuba ni nga gijimeli nabo ku loko kulukuzela kwobuxwala babo, be ni hlambalaza: 5 aba ya kulanda ku yena o lungele ukwahlulela abapilileyo nabafileyo. 6 Ngokuba yingaloku ivangeli la shunyayelwa na kwabafileyo, ukuze b'ahlulelwe kambe ngokwabantu enyameni, kepa ba pile ngoku ka Nkulunkulu emoyeni.

7 Kepa ukupela kwezinto zonke ku sondele: ngako zikuzeni ni zitibe ukuze ni tandaze: 8 kunako konke ni pokopelele ukuba notando pakati kwenu; ngokuba utando lu sibekela izono eziningi: 9 ni ngenisane ku nga biko ukukonona: 10 ma ku ti njengesipo ilowo asamkeliswayo, ni konzane ngaso njengabapati abalungileyo bomusa omninginingi ka Nkulunkulu; 11 uma umuntu e kuluma, ka kulume njeng'o kuluma amazwi ka Nkulunkulu; uma umuntu e konza, ka konze ngamandhla a wa nikwa uNkulunkulu: ukuze uNkulunkulu a dunyiswe kuko konke ngoJesu Kristu, olu ngolwake udumo nokubusa ku ze ku be nini na nini. Amen.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

"A no ti ni hlanganyele izinhlupeko zi ka Kristu, ni tokoze."

12 Batandwa, ni nga mangali ngokulingwa oku umlilo oku pakati kwenu, eni fikelwa yiko ukuba ni vivinywe, ngokungati n'ehlelwe into emangalisayo: 13 a no ti njengaloku ni ngabahlanganyeli bezinhlupeko zi ka Kristu, ni tokoze; ukuze ku ti na sekuhlalukeni kwobukosi bake ni tokoze n'etabe. 14 Uma ni jakajwa ngenxa yegama li ka Kristu, ni busisiwe; ngokuba uMoya wobukosi noMoya ka Nkulunkulu u hlezi pezu kwenu. 15 Ngoba pela a ku nga biko kini o hlupeka ngoba e ngumbulali, nokuba isela, nokuba owenza okubi, nokuba umazi wezabanye: 16 kodwa uma umuntu e hlupeka ngoba e ngumKristu, ka nga bi namahloni; kepa ma ka dumise uNkulunkulu nga leli gama. 17 Ngokuba se ku isikati sokuba ukwahlulela ku qale endhlini ka Nkulunkulu: uma ke ku ba kitina kuqala, ko ba yini ukupela kwaba nga laleli ivangeli li ka Nkulunkulu na? 18 Uma olungileyo e sindiswa ngokulukuni, wo bonakalapi o nga hlonipi uNkulunkulu nowonayo na? 19 Ngakoke abahlupekayo ngokwentando ka Nkulunkulu a ba beke ku Mdali otembekayo imipefumulo yabo ngokwenza okulungileyo.

5 Ngakoke amalunga a pakati kwenu ngi ya wa vuselela, mina engi ilunga kanye nawo, nofakazi wezinhlupeko zi ka Kristu, engi umhlanganyeli futi wobukosi obu za kwambulwa: 2 Yalusani umhlambi ka Nkulunkulu o pakati kwenu, ni wu bonise, ku nga bi ngokucindezelwa, ku be ngokutanda, ngokwentando ka Nkulunkulu; ku nga bi ngenxa yenzuzo embi ku be ngenhliziyo evumayo; 3 ku nga bi ngokungati ni z'enza amakosi pezu kwezabelo enabelwe zona, kepa ni be izibonelo kuwo umhlambi. 4 Ko ti inxa e se bonakaliswa uMalusi omkulu, ni zuze umqele wobukosi ongabuniyo. 5 Ngokunjalo, nani basha, tobelani amalunga. Yebo, nina nonke bincani ukutobeka, ni konzane: ngokuba uNkulunkulu u tiyana nabazidhlayo, kepa u ba nika umusa abatobileyo. 6 Ngakoke zitobeni pansi kwesandhla si ka Nkulunkulu esi namandhla, ukuze a ni pakamise ngesikati esifaneleyo; 7 ni ponse kuye ukupiseka konke kwenu, ngokuba u ya ni katalela. 8 Zitibeni, ni linde: ngokuba oyimpi kini umhlebi u ya hambahamba njengengonyama ebodhlayo, e funa engamgwinyayo: 9 lowoke melanani naye ni qinile ekukolweni, n'azi ukuti zona lezo zinhlupeko zi ya fezeka ku bazalwane benu aba semhlabeni. 10 UNkulunkulu womusa wonke, owa ni bizela ebukosini bake obumiyo njalo ngaye uKristu, se ni hlupeke isikashana, u ya kunenza ni pelele, a ni simamise, a ni nik'amandhla. 11 A ku be kuye ukubusa ku ze ku be nini na nini. Amen.

12 Ngaye uSilvano, umzalwane otembekayo, ngokubona kwami, ngi ni lobele ngokufushane, ngi vuselela, ngi fakaza ukuti lo ngumusa oqinisekileyo ka Nkulunkulu: yimani kuwo. 13 Li ya konza kini eli seBabulon, eliketiweyo kanye nani; naye uMarko indodana yami. 14 Bingelelanani ngokwanga kwotando.

Ukutula a ku be kinina nonke eni ku Kristu.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

PETRO

"Ni nga bi abavilapayo." Sa si ngaba bona ubudhlondhlobala bake.

1 USimon Petro, inceku nompostoli ka Jesu Kristu, ku labo a se be zuze ukukolwa oku igugu ngokufanayo nokwetu ekulungeni ku ka Nkulunkulu wetu noMsindisi uJesu Kristu: 2 Ma kwandiswe kinina umusa nokutula ekumazisiseni uNkulunkulu noJesu iNkosi yetu: 3 loku amandhla ake obuNkulunkulu a si pe konke oku qondene nokupila nokuhlonipa uNkulunkulu, ngokumazisisa yena owasibizayo ngobukosi nesitonga sake; 4 a si pe ngako izitembizo zake ezikulu kakulu ezi igugu; ukuze ku ti ngazo ni be abahlanganyeli besimilo si ka Nkulunkulu, se ni pepile kuko ukwonakala oku semhlabeni ngokukanuka. 5 Yebo ngako loku a no ti n'engezela ngokwenu ukukutala konke n'elekele ekukolweni kwenu isitonga; na sesitongeni ukwazi; 6 na sekwazini ukuzibamba; na sekuzibambeni ukukutazela; na sekukutazeleni ukuhlonipa uNkulunkulu: 7 na sekuhlonipeni uNkulunkulu ukutanda abazalwane; na sekutandeni abazalwane utando. 8 Ngokuba uma lezi zinto ni nazo, zi vama, zi n'enza ni nga bi abavilapayo naba nge na zitelo ekwazisiseni iNkosi yetu uJesu Kristu. 9 Ngoba oku ngeko kuye lezi zinto u impumpute, e bona kalufifi, e kohliwe ukuhlanjululwa kwezono zake zakuqala. 10 Ngakoke, bazalwane, ma ku be ikona ni kutalayo, ukuba nenze ku qine ukubizwa nokuketwa kwenu: ngokuba uma n'enza loku a ni soze na kubeka: 11 ngokwenze njalo ni yo kwelekelwa ngokwengcebo ukungena embusweni omiyo njalo weNkosi yetu noMsindisi uJesu Kristu.

12 Ngakoke ngi ya kuba yiloku ngi ni kumbuza nga lezi zinto, nakuba ni z'azi, ni simeme eqinisweni eli kona kini. 13 Ngi ti ku fanele, nxa ngi se kona ku leli dokodo, ukuba ngi ni vuse ngokunikumbuza: 14 ng'azi ukuti ukususwa kwedokodo lami ku seduze; njengaloko iNkosi yetu uJesu Kristu ya ngi tshenisa. 15 Yebo ngi za kukutalela ukuba ngezikati zonke emva kwokumuka kwami ni be nokuzikumbula lezi zinto. 16 Ngokuba a si landelanga izinganekwane ezilunjiweyo, lapo si n'azisa amandhla nokufika kweNkosi yetu uJesu Kristu, sa si ngaba bona ngamehlo ubudhlondhlobala bake. 17 Ngokuba w'amkeliswa uNkulunkulu uYise ukutuseka nodumo, lapo ku letwa kuye izwi elinje li vela ebucwazicwazini bobukosi li ti, Lo u yiNdodana yami etandiweyo, engiyenameleyo: 18 lelo zwi sa li zwa tina li letwa li vela ezulwini, si naye entabeni engcwele. 19 Futi si nezwi lesiprofeto li qiniswa kakulu; en'enza kahle ukuliqapela, ngokungati li isibani esikanyayo endaweni emnyama, ku ze ku se, ikwezi li pumele ezinhliziyweni zenu: 20 nazi loku kuqala ukuti a kuko siprofeto sombhalo oku ngokwomuntu nje ukusicasisela. 21 Ngokuba a kuko siprofeto esa ke sa letwa ngentando yomuntu: kepa abantu ba kuluma be tata ku Nkulunkulu, be qutshwa uMoya oNgcwele.

2 Kepa kwa vela nabaprofeti bamanga pakati kwabantu, njengokuba na pakati kwenu ku ya kuba kona abafundisi bamanga, aba za kungenisa ngokunyelela izifundiso ezedukileyo ezibubisayo be pika uMnini bona owabatengayo, be ziletela ukubujiswa okukaulezayo. 2 Abaningi ba ya kulandela izenzo zabo zokunqwenela; oku ya kuti ngabo indhlela yeqiniso i hlambalazwe. 3 Ngokufisa ba ya kuhweba ngani ngamazwi a mbumbulu: aba kulahlwa kwabo oku ngokwamandulo a ku libali, ukubujiswa kwabo a k'ozeli. 4 Ngoba uma uNkulunkulu e nga yekanga izingelosi se z'onile, wa zi ponsa egehena, wa zi yisa emigodini yobumnyama, ukuba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba xwayiswa ngabafundisi bamanga. Abaswabuli nokupela kwabo.

zi gcinelwe ukwahlulelwa; 5 nomhlaba wa sendulo a ka wu yekanga, kepa, wa londa uNoa, umshumayeli wokulunga, kanye nabanye aba isikombisa, lapo e leta uzamcolo emhlabeni wabangahlonipiyo uNkulunkulu; 6 nemizi ya seSodom neGomora wa y'enza umlota wa yi lahla ngokuyigumbuqela, e y'enza i be okwokuxwayisa aba za kuba aba nga hlonipi uNkulunkulu; 7 wa m hlangulisa uLote olungileyo, e daniswa inkambo yokunqwenela yaba nge na mteto 8 (ngokuba lowo muntu olungileyo e hlezi pakati kwabo ngokubona na ngokuzwa, wa zwis'umunyu umpefumulo wake olungileyo imihla ngemihla ngezenzo zabo ezi nge ngomteto): 9 iNkosi i ya kwazi ukuhlangulisa ekuyengweni aba hlonipa uNkulunkulu, nokugcina aba nga lungile be shaywa, ku ze ku fike usuku lokwahlulela; 10 ikakulu ke labo aba hamba ngokwenyama ekukanukeni kwokuzibixa, be delela ukubuswa. Be amapikankani, be amabudhle, ba hlambalaza izikulu zezulu be nga tutumeli: 11 kantike izingelosi, nakuba zi ba dhlula ngobuqwaga na ngamandhla, a zi z'ahluleli ngokwahlulela kwokuhlambalaza pambi kweNkosi. 12 Kodwa laba, njengezidalwa ezi nge na ngqondo, ezi zalwe zi izilwane zemvelo zokubanjwa zi bujiswe, be hlambalaza abangakwaziyo, ba ya kububa ekububiseni kwabo, 13 be zwiswa okubi ku umvuzo wokwenza okubi; aba ti ukuzitika emini ku injabulo, be izishishi nezici, be zitika ekukohliseni kwabo be sa hlanganyela idili nani; 14 be namehlo a gcwele ukupinga, a nga kumuki ekwoneni, be hungula imipefumulo e nga simeme; be nenhliziyo e hlakahliswe ukufisa; abantwana bokuqalekiswa; 15 be shiya indhlela eqondileyo, b'eduka, ba landela indhlela ka Balam ka Behore, owa tanda umvuzo wokwenza okubi; 16 kepa wa solwa ngokweqa kwake umteto: imbongolo e isimungulu ya kuluma ngezwi lomuntu ya nqabela ukuhlanya kwomprofeti. 17 Laba ba imitombo e nge namanzi, izinkungu ezi qutshwa isikwishikwishi; aba gcinelwa ubumnyama obu te tile. 18 Ngokuba be kuluma amazwi ehaba a uwangala, ba hungula ngezinkanuko zenyama, ngokunqwenela, labo abasapepayo ku labo aba nkambo yabo i sekwedukeni: 19 be ba tembisa inkululeko, inganti bona ba izigqili zokwonakala; ngokuba loko umuntu a zangwa yiko u ba isigqili sako. 20 Ngokuba uma, se be pepile ekubixekeni kwa semhlabeni ngokuyazisisa iNkosi noMsindisi uJesu Kristu, be buya ba hilelwe yiko, ba zangeke, impeto yabo i si mbi kunokuqala kwabo. 21 Ngokuba nga kwa ba kuhle ku bona ngakanye ukuba be nga y'azanga indhlela yokulunga, kunokuba ku ti se be y'azile, ba fulatele umyalo ongcwele aba be wu nikeziwe. 22 Ku b'ehlele ngokwesaga esiqinisekileyo esi ti, Inja i buyele ebuhlanzweni bayo, nengulube ehlanziweyo i buyele ekubukuzekeni obishini.

3 Lenake, batandwa, yincwadi yesibili engi ni lobela yona; kuzo zombili ngi vusa ingqondo yenu yesiqondo ngokunikumbuza; 2 ukuba ni kumbule amazwi a kulunywa pambili abaprofeti abangcwele, nomyalo weNkosi noMsindisi ngabo abapostoli benu: 3 n'azi loku kuqala, ukuti ngezinsuku zokupela ku ya kufika abaswabuli be fika nokuswabula, be hamba ngezinkanuko zabo, 4 be ti, Sipi isitembiso sokufika kwake? ngokuba iloku obaba ba lala, izinto zonke zi mi zi njengaloku za zi njalo kwa sekuqaleni kwokudaliweyo. 5 Ngokuba ba kohlwa yiloku ngamabomu, ukuti kwa ku kona amazulu ku sukela endulo, nomhlaba u bunjwa u vela emanzini u pakati kwamanzi, ngezwi li la Nkulunkulu; 6 okwa ti ngawo umhlaba wa leso sikati wa ti tantalala amanzi, wa buba: 7 kepa amazulu a manje nomhlaba ku bekelelelwa umlilo nga lona lelo lizwi, ku gcinelwa usuku lokwahlulelwa nolokubujiswa kwabantu aba nga hlonipi uNkulunkulu.

8 Kepa a ni nga kohlwa le nto inye, batandwa, yokuti kuyo iNkosi usuku lu lunye lu njengeminyaka e inku-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ba yalwa ukuba ba simame.

lungwane, nokuti iminyaka e inkulungwane, i njengosuku lunye. 9 INkosi ka i libali ngesitembiso sayo, njengaloku abanye ba ti ku ukulibala; kepa i ni bekezelela, i nga tandi ukuba ku bube na munye, i tanda ukuba bonke b'eze ekupendukeni. 10 Kepa usuku lweNkosi lu ya kufika njengesela; amazulu a ya kudhlula ngalo ngokuhushuza okukulu, ku ya kusha konkana ku bidhlike ngekoza, umhlaba nemisebenzi e kuwo ku ya kushiswa qotu. 11 Lokuke lezi zinto zonke zi ya kubidhlika kanjalo, ni melwe ukuba ni be abantu abanjani enkambweni engcwele na sekuhlonipeni uNkulunkulu, 12 ni bheka ni langazelela ukufika kwosuku lu ka Nkulunkulu, oku ya kuti ngalo amazulu e vuta a bidhlike, ku ncibilike konkana ikoza? 13 Kepa ngokwesitembiso sake, si bheke amazulu amasha nomhlaba omusha, oku hlala kuwo ukulunga.

14 Ngakoke, batandwa, loku ni bheke lezi zinto, kutalelani ukuba ni funyanwe ni sekutuleni, ni nge na sisihla ni nge na sici emehlweni ake. 15 Ni ti ukubekezela kweNkosi yetu ku ukusindiswa; njengaloku nomzalwane wetu otandekayo uPaule, wa loba kinina, ngokwokuhlakanipa a be ku nikiwe; 16 njenga na sezincwadini zake zonke, e kuluma kuzo nga lezi zinto; oku kona kuzo okunye oku lukuni ukuzwisiswa, aba nga fundile naba nga simeme abazihlanekezelayo, njengaloku b'enza na ngeminye imibhalo, ku be ukubujiswa kwabo. 17 Ninake, batandwa, loku n'azi ngapambili lezi zinto, xwayani funa ni tateke ngokweduka kwaba nge na mteto, ni we ekusimameni kwenu. 18 Kodwa kulani emuseni na sekwazini iNkosi yetu noMsindisi uJesu Kristu. A ku be kuye udumo manje na ku ze ku be usuku lwa nini. Amen.

INCWADI YOKUQALA KA

JOHANE

Ma si hambe ekukanyeni.

1 Loko okwa ku kona kwa sekuqaleni, loko esikuzwileyo, loko esi ku bone ngamehlo etu, loko esakubukayo, n'ezakupatayo izandhla zetu, okwezwi lokupila 2 (loko kupila kwa bonakaliswa, si ku bonile, si ya ku fakazela, si ni tshela loko kupila okumiyo njalo, okwa ku ku Yise, kwa bonakaliswa kitina); 3 loko esikubonileyo sa ku zwa si ni tshela kona nani, ukuze ni be nobudhlelwane nati: obetu ubudhlelwane-ke bu noYise, na neNdodana yake uJesu Kristu: 4 si ya zi loba lezi zinto, ukuze ukutokoza kwetu ku gcwaliseke.

5 Nantuke udaba esiluzwileyo kuye si ni landisa lona, lokuti uNkulunkulu u ngukukanya, a kuko bumnyama kuye nakanye. 6 Uma si ti si nobudhlelwane naye, si be si sa hamba ebumnyameni, si namanga, a s'enzi iqiniso: 7 kepa uma si hamba ekukanyeni, njengaloku yena e sekukanyeni, si nobudhlelwane omunye nomunye, igazi li ka Jesu iNdodana yake li ya si hlambulula ekwoneni konke. 8 Uma si ti a si na sono, si ya zidukisa, iqiniso a liko kitina. 9 Uma si vuma izono zetu, u tembekile yena u lungile ukuba a si tetelele izono zetu, a si hlambulule kuko konke ukungalungi. 10 Uma si ti a s'onanga, si m enza o namanga, izwi lake a liko kitina.

2 Bantwanyana bami, ngi ni lobela lezi zinto ukuze ni ng'oni. Umake umuntu ona, si nomMeleli ku Yise, uJesu Kristu olungileyo: 2 yena u

Digitized by Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ngokokushweleza ngezono zetu; ku nge siko ngezetu zodwa, ku ngezomhlaba wonke. 3 Si y'azi nga loku ukuti si ya m azi yena, uma si gcina imiyalo yake. 4 Lowo o ti, Ngi ya m azi, e nga gcini imiyalo yake, u namanga, iqiniso a liko kuye; 5 kepa o gcina izwi lake, utando lu ka Nkulunkulu lu pelelisiwe ku yena ngeqiniso. Si y'azi nga loku ukuti si kuye: 6 lowo o ti u hlala kuye u fanele naye ukuhamba njengaloko a hamba ngako yena.

7 Batandwa, a ngi ni lobeli umyalo omusha, ngi loba umyalo omdala ena ni nawo kwa sekuqaleni: umyalo omdala u izwi enalizwayo. 8 Futi, ngi ni lobela umyalo omusha, okona ku iqiniso ku yena na kinina; ngokuba ubumnyama bu ya dhlula, ukukanya oku yikonakona se ku ya kanya. 9 Yena o ti u sekukanyeni a be e zonda umzalwane wake, u se sebumnyameni ku ze ku be kaloku. 10 O tanda umzalwane wake, u hlala ekukanyeni, a kuko sikubekiso kuye. 11 Kanti o zonda umzalwane wake, u sebumnyameni, u hamba ebumnyameni, a k'azi lapa e ya kona, ngokuba ubumnyama bu wa puputekisile amehlo ake.

12 Ngi ya ni lobela, bantwanyana, ngokuba ni tetelelwe izono zenu ngenxa yegama lake. 13 Ngi ya ni lobela, boyise, ngokuba ni ya m azi yena o kona kwa sekuqaleni. Ngi ya ni lobela zinsizwa, ngokuba ni m nqobile omubi. Ngi ni lobele, bantwana, ngokuba ni m azi uYise. 14 Ngi ni lobele, boyise, ngokuba ni m azi yena o kona kwa sekuqaleni. Ngi ni lobele, zinsizwa, ngokuba ni namandhla, izwi li ka Nkulunkulu li hlala kinina, ni m nqobile omubi. 15 Ni nga tandi umhlaba nezinto ezi semhlabeni. Uma umuntu e tanda umhlaba, utando lu ka Yise a luko kuye. 16 Ngokuba konke oku semhlabeni, inkanuko yenyama nenkanuko yamehlo nokuzigqabha kwokupila, a ku veli ku Yise ku vela emhlabeni. 17 Umhlaba u ya dhlula, nenkanuko yawo, kanti o wenza intando ka Nkulunkulu u hlala ku ze ku be nini na nini.

18 Bantwana, se ku isikati sokupela: njengalokuke n'ezwa ukuti umpik'uKristu u y'eza, na kaloku se ku vele opik'uKristu abaningi; es'azi ngako ukuti se ku isikati sokupela. 19 Ba puma kitina, kepa ba be nge sibo abakiti: ngokuba uma be be ngabakiti, ba be ya kuhlala nati; kepa ba puma ukuze ba bonakaliswe ukuti bonke a sibo abakiti. 20 Nina ni nokugcotshwa oku vela koNgcwele, ni y'azi izinto zonke. 21 A ngi ni lobelanga ngokuba ni nga l'azi iqiniso ngi ni lobele ngokuba ni l'azi, na ngokuba a kuko manga a vela eqinisweni. 22 Ubani o namanga, uma ku nge siye o pika ukuti uJesu u nguKristu. Lowo u ngumpik'uKristu o pika uYise neNdodana. 23 Wonke o pika iNdodana, lowo ka naye uYise: o vuma iNdodana u naye uYise futi. 24 Ninake loko enakuzwayo kwa sekuqaleni a ku hlale kinina. Uma ku hlala kini loko enakuzwayo kwa sekuqaleni, nani ni ya kuhlala kuyo iNdodana na kuye uYise. 25 Yilesi isitembiso a s'etembisa sona, ukupila okumiyo njalo. 26 Ngi ni lobele lezi zinto ngabo aba ti a ba n'eduse. 27 Ninake ukugcotshwa ena kwamkeliswa uye, ku hlala kini: a ni swele ukuba ni fundiswe na ubani; kodwa njengokuba ukugcoba kwake ku ni fundisa ngezinto zonke, ku iqiniso, a ku siwo amanga na njengokuba kwa ni fundisa, ni ya hlala kuye. 28 Na kaloku, bantwanyana, hlalani kuye: ukuze ku ti nxa e bonakala si be nesibindi, si nga bi namahloni si nyibe kuye ekufikeni kwake. 29 Uma n'azi ukuti u lungile yena, ni y'azi ukuti nabo bonke ab'enza ukulunga ba zelwe uye.

3 Bhekani utando olungaka a si nike lona uYise lokuba si bizwe ngokuti si ngabantwana ba ka Nkulunkulu; si yiboke. Ngenxa ya loku umhlaba a u s'azi, ngokuba u nga m

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukulunga notando ng'okwaba ka Nkulunkulu. Ba vivinyeni omoya.

azanga yena. 2 Batandwa, manje si ngabantwana ba ka Nkulunkulu, a ku ka bonakali esi ya kuba yiko. Si y'azi ukuti nxa e bonakaliswa, si ya kuba njengaye; ngokuba si ya kumbona njengokuba e njalo. 3 Bonke aba nalo leli temba kuye ba ya zihlambulula, njengokuba yena e hlambululekile. 4 Bonke ab'enza ukwona b'enza noku pambene nomteto; ukwona ku ukupambana nomteto. 5 Ni y'azi ukuti wa bonakaliswa yena ukuze a suse izono; a kuko sono kuye. 6 O suk'e hlala kuye a k'oni; owonayo a ka m bonanga, a ka m azi. 7 Bantwanyana, ma ni ng'edukiswa muntu: o wenza ukulunga u lungile, njengokuba yena e lungile: 8 o wenza ukwona u ngowomhlebi; ngokuba umhlebi u y'ona kwa sekuqaleni. INdodana ka Nkulunkulu ya bonakaliselwa loku, ukuze i cite imisebenzi yomhlebi. 9 O suk'e zelwe uNkulunkulu a k'enzi ukwona, ngokuba imbeu yake i hlala kuye: a ka na kwona ngokuba e zelwe uNkulunkulu. 10 Ku bonakala abantwana ba ka Nkulunkulu nabantwana bomhlebi nga loku: o suk'e ng'enzi ukulunga ka siye o ka Nkulunkulu, naye o nga tandi umzalwane wake. 11 Ngokuba yile inshumayelo enayizwayo kwa sekuqaleni, yokuba si tandane: 12 si nga bi njengoKani owa ba ngowa lowo omubi, wa bulala umfo wabo. Wa m bulalelani na? Ngoba imisebenzi yake i mibi, eyomfo wabo ya i lungile.

13 Ni nga mangali, bazalwane, uma umhlaba u ni zonda. 14 Si y'azi ukuti si dhlulile ekufeni si ngene ekupileni, ngokuba si tanda abazalwane. Ongatandiyo u sa hlezi ekufeni. 15 O suk'e zonda umzalwane wake u ngumbulali; ni y'azi ukuti a kuko mbulali o nokupila okumiyo njalo oku hlezi kuye. 16 Si ya lwazi utando nga loku ngoba wa dela ukupila kwake ngenxa yetu: nati si fanele ukudela ukupila kwetu ngenxa yabazalwane. 17 Kepa lowo o nokwempilo ya leli zwe, e bona umzalwane e swele, a m valele isihe sake, utando lu ka Nkulunkulu lu hlala kanjani kuye na? 18 Bantwanyana bami, a si nga tandi ngezwi, na ngolimi; a si tande ngokwenza na ngeqiniso. 19 Si ya kwazi nga loku ukuti si ngabeqiniso, si ya kuzifaka ingidi izinhliziyo zetu pambi kwake: 20 ngoba uma inhliziyo yetu i si lahla, uNkulunkulu mkulu kunenhliziyo yetu, wazi konke. 21 Batandwa, uma inhliziyo yetu i nga si lahli, si nesibindi ku Nkulunkulu; 22 konke esikucelayo si ya kwamkeliswa uye, ngokuba si gcina imiyalo yake s'enza oku m hlaba umxwele. 23 Yilo umyalo wake wokuba si kolwe egameni leNdodana yake uJesu Kristu, si tandane njengoba a si nika umyalo. 24 O gcina imiyalo yake u hlala kuye, naye u hlala ku lowo. Si y'azi nga loku ukuti u hlala kitina, ngawo uMoya a si nika wona.

4 Batandwa, ma ni nga kolwa omoya bonke; ba vivinyeni omoya ukuba ba ngaba ka Nkulunkulu yini; ngokuba baningi abaprofeti bamanga aba pumele emhlabeni. 2 Yazini uMoya ka Nkulunkulu nga loku: wonke umoya o vuma ukuti uJesu Kristu u zile enyameni u ngoka Nkulunkulu: 3 wonke umoya o nga vumi uJesu ka siye o ka Nkulunkulu; lo ngumoya wompik'uKristu, eniwuzwileyo ukuti u y'eza; na kaloku se u kona emhlabeni. 4 Ni ngaba ka Nkulunkulu nina, bantwanyana, ni ba nqobile: ngokuba lowo o kinina mkulu kuna lowo o semhlabeni. 5 Bona ba ngabomhlaba: ngalokoke ba ya kuluma njeng'abomhlaba, umhlaba u ya b'ezwa. 6 Tina si ngaba ka Nkulunkulu: omaziyo uNkulunkulu u ya si zwa; o nge siye o ka Nkulunkulu ka si zwa. Si w'azi nga loku umoya weqiniso nomoya wokweduka.

7 Batandwa, a si tandane: ngokuba utando lu vela ku Nkulunkulu; wonke otandayo u zelwe uNkulunkulu, u ya m azi uNkulunkulu. 8 Ongatandiyo ka zange a m azi uNkulunkulu; ngokuba uNkulunkulu u ngutando. 9 Lwa bonakaliswa utando lu ka Nkulunkulu kitina nga loku, okokuba

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

UNkulunkulu u ngutando. "Nxa si cela. . . . u ya si zwa."

uNkulunkulu u tume emhlabeni iNdodana yake e zelwe yodwa ukuze si pile ngayo. 10 Ku ku loku utando, ku nge siko ukuba sa tanda uNkulunkulu tina, ku ukuba wa si tanda yena, wa tuma iNdodana yake i be okokushweleza ngezono zetu. 11 Batandwa, uma uNkulunkulu wa si tanda ngokunjalo, nati si fanele ukutandana. 12 A kuko muntu owa ke wa bona uNkulunkulu: uma si tandana, uNkulunkulu u hlala kiti, utando lwake lu pelelisiwe kitina: 13 si y'azi nga loku ukuti si hlala kuye naye u hlala kitina, ngokuba u si nike oku ka Moya wake. 14 Si bonile si ya fakaza ukuti uYise u tume iNdodana i be uMsindisi womhlaba. 15 Yena o ya kuti a vume ukuti uJesu u yiNdodana ka Nkulunkulu, uNkulunkulu u hlala kuye, naye u hlala ku Nkulunkulu. 16 Si ya lwazi si koliwe kulo utando uNkulunkulu a nalo kitina. UNkulunkulu u ngutando; o hlala otandweni u hlala ku Nkulunkulu, noNkulunkulu u hlala kuye. 17 Utando lu pelelisiwe nga loku pakati kwetu kokuba si be nesibindi osukwini lokwahlulela; ngokuba njengaloku e njalo yena, si njalo nati ku lo mhlaba. 18 A kuko ukwesaba otandweni: kodwa utando olupeleleyo lu lahla pandhle ukwesaba, ngokuba ku kona ukushaywa ekwesabeni; owesabayo ka pelele otandweni. 19 Tina si ya tanda, ngokuba yena wa si tanda kuqala. 20 Uma umuntu e ti, Ngi ya m tanda uNkulunkulu, a be e zonda umzalwane wake, u namanga: ngokuba ongatandiyo umzalwane wake ambonileyo, a nge tande uNkulunkulu a nga m bonanga. 21 Si nawo lo myalo u vela kuye, wokuti o tanda uNkulunkulu ka tande nomzalwane wake futi.

5 O suk'e kolwa ukuti uJesu u ngu-Kristu u zelwe uNkulunkulu: o suk'e tanda owazalayo u tanda n'o zelwe uye. 2 Si y'azi nga loku ukuti si tanda abantwana ba ka Nkulunkulu, nxa si tanda uNkulunkulu s'enze imiyalo yake. 3 Ngokuba yilolu utando lu ka Nkulunkulu, ukuba si gcine imiyalo yake: imiyalo yake ka i nzima. 4 Ngokuba konke oku zelwe uNkulunkulu ku ya nqoba umhlaba: yile inqobo e nqobe umhlaba, ukukolwa kwetu. 5 Ngubani o nqoba umhlaba, uma ku nge siye o kolwa ukuti uJesu u yiNdodana ka Nkulunkulu? 6 Lo nguye ow'eza ngamanzi na ngegazi, uJesu Kristu; a k'ezanga ngamanzi odwa, w'eza ngamanzi na ngegazi. 7 NguMoya ofakazayo, ngokuba uMoya u iqiniso. 8 Ngokuba batatu abafakazayo, uMoya, namanzi, negazi: laba batatu ba vumelana entweninye. 9 Uma s'amkela ubufakazi babantu, ubufakazi bu ka Nkulunkulu bu kulu kuna lobo: ngokuba ilobu ubufakazi bu ka Nkulunkulu bokuti u fakazile ngeNdodana yake. 10 O kolwa kuyo iNdodana ka Nkulunkulu u nobufakazi pakati kwake: o nga kolwa ku Nkulunkulu u m enze o namanga; ngokuba e nga kolwanga ubufakazi abufakazileyo uNkulunkulu ngeNdodana yake. 11 Ilobu ubufakazi bokuti uNkulunkulu u si pe ukupila okumiyo njalo, loku kupila ku seNdodaneni yake. 12 O nayo iNdodana u nokupila; o nge nayo iNdodana ka Nkulunkulu ka nako ukupila.

13 Ngi ni lobele lezi zinto ukuze n'azi ukuti ni nokupila okumiyo njalo, nina eni kolwa egameni leNdodana ka Nkulunkulu. 14 Yilesi isibindi esi naso kuye, sokuti nxa si cela into ngokwentando yake, u ya si zwa: 15 uma s'azi ukuti u ya si zwa nokuba si celani, si y'azi ukuti si nako esikucelileyo esi ku cele kuye. 16 Uma umuntu e bona umzalwane wake ona ngesono esi nga yisi ekufeni, u ya kucela, uNkulunkulu a m nike ukupila, a nike labo ab'onayo ngoku nga yisi ekufeni. Si kona isono esi yisa ekufeni: a ngi sho nga leso ukuti ma ka si nxusele. 17 Konke ukungalungi ku isono: ku kona isono esi nga yisi ekufeni.

18 Si y'azi ukuti o suk'e zelwe uNkulunkulu a k'oni; lowo owa zalwa uNkulunkulu u ya zigcina, omubi a ka m tinti. 19 Si y'azi ukuti tina si

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

"Si y'azi ukuti iNdodana ka Nkulunkulu i fikile."

ngaba ka Nkulunkulu, nokuba umhlaba wonke u lele komubi. **20** Si y'azi ukuti iNdodana ka Nkulunkulu i fikile, i si nike ingqondo ukuze si m azi oyenayena, si kuye oyenayena, kuyo iNdodana yake uJesu Kristu. Loke u nguNkulunkulu oyenayena nokupila okumiyo njalo. **21** Bantwanyana, zilindeni ezitombeni.

INCWADI YESIBILI KA

JOHANE

Ma si hambe ngokwemiyalo yake. Hlalani ekufundiseni kweNkosi.

1 Ilunga kuyo inkosikazi eketiweyo na ku bantwana bayo, engibatandayo ngeqiniso; ku nge si mina ngedwa, ku yibo bonke abalaziyo iqiniso; **2** ngenxa yeqiniso eli hlala kitina, eli ya kuba nati ku ze ku be nini, li ti: **3** Ku za kuba kona kitina umusa, nesihau, nokutula, oku vela ku Nkulunkulu uYise, na ku Jesu Kristu, iNdodana ka Yise, ngeqiniso na ngotando.

4 Ngi tokoza kakulu ngokuba ngi fumene ku bantwana bako aba hamba ngeqiniso, njengaloku s'amkela umyalo ku Yise. **5** Kalokuke ngi ya ku nxusa, nkosikazi, ku nge ngokungati ngi ku lobela umyalo omusha, ngi ku lobela lowo esa si nawo kwa sekuqaleni, wokuba si tandane. **6** Yilolu ke utando, ukuba si hambe ngokwemiyalo yake. Yilo umyalo, njengaloku n'ezwa kwa sekuqaleni, ukuba ni hambe ngawo. **7** Ngoba abaningi abedusayo ba pumele emhlabeni, labo abangavumiyo uJesu Kristu e za e senyameni. Lowo u ngumedusi nompik'uKristu. **8** Ziqapeleni, nina, ukuba ni nga lahlekelwa izinto esizisebenzileyo kodwa n'amkele umvuzo ogcweleyo. **9** Osuk'eqisa, e nga hlali ekufundiseni ku ka Kristu, ka naye uNkulunkulu: o hlezi ekufundiseni, lowo u naye uYise neNdodana. **10** Uma ku fika umuntu kini, e nga leti loku kufundisa, ni nga m amkeli endhlini yenu, ni nga m bingeleli: **11** ngokuba ombingelelayo u hlanganyela naye emisebenzini yake emibi.

12 Ngi nokuningi nje kokunilobela, a nga vuma ukukuloba ngepepa neinke: kodwa ngi y'etemba ukuza kini, ngi kulume nani umlomo nomlomo, ukuze ku gcwale ukutokoza kwenu. **13** Abantwana ba ka dade wenu oketiweyo ba ya konza kuwe.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

INCWADI YESITATU KA

JOHANE

O wenza okulungileyo. Ukutula a ku be kuwe.

1 Ilunga kuye uGayo otandwayo engi m tanda ngeqiniso.

2 Sitandwa, kwa nga kuko konke u nga hlanhlazeleka u pile njengokuhlanhlazeleka kwompefumulo wako. **3** Ngokuba nga tokoza kakulu lapa ku fika abazalwane be fakazela iqiniso lako njengokuba u hamba eqinisweni. **4** A ngi na kutokoza okukulu kuna loku ukuba ngi zwe ukuti abantwana bami ba hamba eqinisweni.

5 Sitandwa, wenza okutembekileyo nga loku o suk'u kwenzela aba ngabazalwane inganti ba ngabafo; **6** aba fakazela utando lwako pambi kwebandhla: o ya kuba wenza kahle uma u ba kapa endhleleni yabo ngoku fanele uNkulunkulu: **7** ngokuba ba puma ngenxa yeGama, be nga tati luto kwabezizwe. **8** Ngako nga si ba takazela abanjalo ukuze si be izisebenzi kanye nabo zeqiniso.

9 Nga lobela ibandhla okutile: kodwa uDiotrefe, o tanda ukuba mkulu pakati kwabo, ka s'amkeli. **10** Ngakoke uma ngi za, ngi ya kumkumbuza imisebenzi yake ayenzayo, e shofuza ngati amazwi amabi: a ti ke e n'ganele yiloku, a ka b'amkeli abazalwane yena, nabavumayo u ya ba nqabela, a ba kipe ebandhleni. **11** Sitandwa, u nga lingisi okubi, lingisa okulungileyo. Owenza okulungileyo u ngoka Nkulunkulu: owenza okubi ka m bonanga uNkulunkulu. **12** UDemetriyo u fakazelwa ibo bonke, neqiniso uqobo lwalo: nati ke si ya fakaza; u y'azi ukuti ukufakaza kwetu ku iqiniso.

13 Be ngi nokuningi kokukulobela, kodwa a ngi tandi ukukulobela ngeinke nepeni: **14** kepa ngi y'etemba ukukubona masinyane, si kulume umlomo nomlomo. Ukutula a ku be kuwe. Izihlobo zi ya konza kuwe. Konza ezihlotsheni ngamagama.

INCWADI KA

JUDA

Ni lwele ukukolwa. Abangakolwayo ba ya xwayiswa.

1 UJuda, inceku ka Jesu Kristu, umfo wabo ka Jakobe, kwababiziweyo aba tandwa be ku Nkulunkulu uYise, be gcinelwe uJesu Kristu: **2** Ma kwandiswe kinina isihau, nokutula, notando.

3 Batandwa, ngi sa kutalele ngako konke ukunilobela ngokusindiswa oku ngokwetu sonke, nga cindezeleka ukunilobela, ukuba ngi ni vuselele ni lwele ukukolwa aba ku nikwa abangcwele kwa kanye. **4** Ngokuba se be ngenile abantu abatile ngesinyenyela, labo okwa ku lotshwa pambili ngabo mandulo ukuti ngaba loku kulahlwa, aba nga hlonipi uNkulunkulu, be pendula umusa ka Nkulunkulu wetu u be ukunqwenela, be pika o ngukupela kwoMnini tina, neNkosi yetu uJesu Kristu.

5 Ngi ya tanda ukunikumbuzake, noma ni kwazi konke ngokwazela kwa futi ukuti iNkosi, i si sindisile abantu i ba kipa ezweni la seGipite, ya buya ya bubisa abangakolwayo. **6** Nezingelosi ezi nga gcinanga ukubusa kwazo, za shiya ikaya eli ngelazo, i zi gcinele ukwahlulela kwosuku olukulu ngezibopo ezimiyo njalo pansi kwo-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ni zigcine otandweni lu ka Nkulunkulu.

bumnyama. 7 Njengokuba iSodom neGomora nemizi ya nga kona, e se te ya ngena ekufebeni ngohlobo olu njengolwazo, ya landela inyama imbe, i misiwe i be umbonelo, i zwa isijeziso somlilo omiyo njalo. 8 Noko ngokunjalo na laba ekupupeni kwabo ba ngcolisa inyama, b'eyisa ubukosi, ba hlambalaza izikulu. 9 Kanti-ke uMikayeli ingelosi enkulu, lapo e pikisana nomhlebi e kulumisana naye ngesidumbu si ka Moses, a ka banga na sibindi sokuleta ukwahlulela kwokuhlambalaza, kepa wa ti, INkosi a i ku kuze. 10 Kepa laba ba hlambalaza loko abangakwaziyo: na loko abakuqondayo ngokwemvelo njengezidalwa ezi nge na ngqondo, ku loko ba ya shabalala. 11 Maye bona! ngokuba ba hamba endhleleni ka Kani, ba pulukundhlela ekwedukeni ku ka Balam ngenxa yomvuzo, ba buba ekupikeni ku ka Kora. 12 Yilabo aba ngamatshe afihlekileyo ezidhlweni zenu zotando, be sa hlanganyela idili nani, abalusi abazihxabisayo bona, be ng'esabi: ba ngamafu a nge namanzi, a qutshwa imimoya; ba imiti ya sebusika, e nge na zitelo, e fe kabili, i sitshulwe; 13 ba ngamaza olwandhle adhlangaleleyo, a kepuza amahlazo awo; izinkanyezi ezindindayo, ezi gcinelwe ubumnyama obu te tile ku ze ku be nini. 14 UEnoki, owesikombisa ku sukela ku Adam, wa profeta ku laba e ti, Bheka, y'eza iNkosi i nabangcwele bayo aba izigidigidi, 15 ukuba y'ahlulele bonke, i ba lahle bonke aba nga hlonipi uNkulunkulu ngemisebenzi yonke yabo yokungahlonipi uNkulunkulu, aba nga hlonipanga uNkulunkulu ngayo na ngako konke okulukuni ezi ku kulumile ngaye izoni ezi nga hlonipi uNkulunkulu. 16 Laba ba ngabakononayo, abasolayo, be hamba ngezinkanuko zabo; umlomo wabo u kuluma amazwi ehaba, be tusa ubuso babantu ngenxa yenzuzo.

17 Kepa nina, batandwa, kumbulani amazwi a kulunywe pambili abapostoli beNkosi yetu uJesu Kristu; 18 ukuti ba ti kini, Ngesikati sokupela ku ya kuba kona abaswabuli, be hamba ngezinkanuko zabo zokungahlonipi uNkulunkulu. 19 Yibo laba abahlukanisayo, be ng'abemvelo, be nge naye uMoya. 20 Kepa nina, batandwa, ma ni ti ni z'aka ekukolweni kwenu okungcwele kakulu, ni tandaza ni noMoya oNgcwele, 21 ni zigcine otandweni lu ka Nkulunkulu, ni bheka isihau seNkosi yetu uJesu Kristu ku be ukupila okumiyo njalo. 22 Ba haukeleni abanye, abangabazayo: 23 ni sindise abanye, ni ba hlwite emlilweni, ni haukele abanye ngokwesaba; ni zonde nengubo e nindwe inyama.

24 Ku yena o namandhla okunilinda ni nga kubeki, a ni mise pambi kwobukosi bake ni nge na sici ni nokwetaba okukulu, 25 kuye uNkulunkulu o yedwa, uMsindisi wetu, ngaye uJesu Kristu iNkosi yetu, a ku be udumo, nobukulu nokubusa namandhla, ku nga ka biko isikati na manje na ku ze ku be nini. Amen.

247

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

JOHANE

ISambulo si ka Jesu Kristu. Kuwo amabandhla a isikombisa.

1 ISambulo si ka Jesu Kristu, a m nika sona uNkulunkulu ukuba a si bonise izinceku zake esi izinto ezi melwe ukuba zi be kona masinyane: wa tuma wa si bonakalisa ngengelosi yake kuyo inceku yake uJohane; 2 owa fakazela izwi li ka Nkulunkulu, no bufakazi bu ka Jesu Kristu, konke nje akubonayo. 3 U busisiwe ofundayo, nabaw'ezwayo amazwi a lesi siprofeto, ba gcine okulotshiweyo kuso: ngokuba isikati si seduze.

4 UJohane kuwo amabandhla a isikombisa a seAsiya: A ku be kini umusa nokutula, oku vela ku yena o kona owa e kona ozayo; na koMoya aba isikombisa aba pambi kwesihlalo sake sobukosi; 5 na ku Jesu Kristu, o ngufakazi otembekayo, izibulo kwabafileyo, umbusi wamakosi omhlaba. Ku yena ositandayo, owa si kulula ezonweni zetu ngegazi lake; 6 wa s'enza si be umbuso, si be ngabapristi ku Nkulunkulu wake uYise; ku yena a ku be udumo nokubusa ku ze ku be nini na nini. Amen. 7 Bheka, u y'eza namafu; onke amehlo a ya kumbona, nabo abambokodayo; izizwe zonke zomhlaba zi ya kumbongoza ngaye. Yebo, Amen.

8 Ngi nguAlfa noOmega, i sho iNkosi uNkulunkulu, o kona owa e kona ozayo, uSomandhla.

9 Mina Johane, umzalwane wenu nomhlanganyeli kanye nani ekukatazekeni na sembusweni na sekukutazeleni oku ku Jesu, nga ngi sesiqingini esi tiwa iPatmos, ngenxa yezwi li ka Nkulunkulu na ngenxa yobufakazi bu ka Jesu. 10 Nga ngi kuye uMoya ngosuku lweNkosi, ng'ezwa emva kwami izwi elikulu kungati elecilongo 11 li ti, Loku okubonayo ku lobe encwadini u ku tumele kuwo amabandhla a isikombisa: eEfesu, na seSmurna, na sePergamo, na seTiyatira, na seSardesi, na seFiladelfiya, na seLaodikiya. 12 Nga penduka ukuba ngi bone izwi e be li kuluma nami. Se ngi pendukile, nga bona izinti zezibani ezi isikombisa zegolide; 13 ngapakati kwezinti zezibani nga bona o fana nendodana yomuntu, embete ingubo e fikela ezinyaweni, e zibope nga sezibeleni ngebande legolide. 14 Ikanda lake nezinwele zake kwa ku mhlope njengoboya obumhlope bezimvu, njengongqoqwane; amehlo ake a e njengelangabi lomlilo; 15 izinyawo zake za zi fana netusi elipucuziweyo, sengati li hlanziswe esitandweni; izwi lake la li njengenhlokomo yamanzi amaningi. 16 Wa e nezinkanyezi ezi isikombisa esandhleni sake sokunene: kwa puma emlonyeni wake inkemba ebukali ekudhla kubili: ubuso bake ba bu njengelanga li kanya ngamandhla alo. 17 Nga ti ukumbona, nga wa ezinyaweni zake njengofileyo. Wa beka isandhla sake sokunene pezu kwami, wa ti, U ng'esabi; ngi ngowokuqala nowokugcina, 18 nopilayo; nga ngi file, kepa bheka, se ngi pila ku ze ku be nini na nini, ngi nezihlutulelo zokufa nezeHaidese. 19 Ngakoke loba izinto ozibonileyo, nezi kona, nezi ya kuba kona ngasemva kwa loku; 20 imfihlakalo yezinkanyezi ezi isikombisa ozibonileyo esandhleni sami sokunene, nezinti zezibani ezi isikombisa zegolide. Izinkanyezi ezi isikombisa zi izingelosi zamabandhla a isikombisa: izinti zezibani ezi isikombisa zi ngamabandhla a isikombisa.

2 Kuyo ingelosi yebandhla eli se Efesu loba u ti:

U sho loku lowo o pete izinkanyezi ezi isikombisa esandhleni sake sokunene, lowo o hamba pakati kwezinti zezibani ezi isikombisa zegolide, u ti: 2 Ngi ya y'azi imisebenzi yako, nokukandhleka kwako nokukutazela

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kwako, nokuti u nge bekezele ababi, wa ba vivinya aba zisho ukuti ba ngabapostoli, be nge sibo, wa ba fumana be namanga; 3 u nokukutazela wa bekezela ngenxa yegama lami, ka wa dinwa. 4 Noko ngi na loku nga kuwe, ukuti u yeke utando lwako lwa kuqala. 5 Ngakoke kumbula lapo u we kona, u penduke w'enze imisebenzi ya kuqala; uma u ng'enzi njalo ngi y'eza kuwe, ngi ya kususa uti lwako lwesibani endaweni yalo, uma u nga penduki. 6 Kepa u na loku, kokuti u ya zonda imisebenzi yamaNikolao, engiyizondayo nami. 7 O nendhlebe a k'ezwe loko akushoyo uMoya emabandhleni. Onqobayo, lowoke ngi ya kumnika ukuba a dhle kuwo umuti wokupila o seParadisi li ka Nkulunkulu.

8 Kuyo ingelosi yebandhla eli seSmurna loba u ti:

U sho loku owokuqala nowokugcina, owa e file, wa buya wa pila, u ti: 9 Ngi ya kwazi ukukatazeka kwako, nobumpofu bako (kantike u cebile), nenhlamba yaba ti ba ngaba-Juda, be nge sibo, be ibandhla lesinagoge li ka Satane. 10 U ng'esabi loko o za kuhlupeka ngako: bheka, umhlebi u za kufaka abanye kini etilongweni, ukuba ni vivinywe; ni za kukatazeka izinsuku ezi ishumi. Tembeka ku ze ku be sekufeni, ngo ti ngi ku nike umqele wokupila. 11 O nendhlebe a k'ezwe loko akushoyo uMoya emabandhleni. Onqobayo a ka soze oniwa ukufa kwesibili.

12 Kuyo ingelosi yebandhla eli sePergamo loba u ti:

U sho loku lowo o nenkemba ebukali ekudhla kubili u ti: 13 Ngi y'azi lapo wake kona, lapo si kona isihlalo sobukosi si ka Satane; u bambisise igama lami, a u pikanga ukolo lwami, na semihleni ka Antipase ufakazi wami, otembekayo wami, owa bulawa pakati kwenu, lapo uSatane ake kona. 14 Noko ku kona oku ingcozana engi nako nga kuwe, ngokuba u nabo lapo aba bambisisa imfundiso ka Balam, owa fundisa uBalaki ukuponsa isikubekiso pambi kwaba kwa Israeli, sokuba ba dhle loko oku hlatshelwe izitombe, nokuba ba febe. 15 Futike nawe u nabo aba bambisisa imfundiso yamaNikolao ngokunjalo. 16 Ngakoke penduka; uma u ng'enzi njalo ngi y'eza kuwe masinyane, ngi ya kulwa nabo ngenkemba yomlomo wami. 17 O nendhlebe a k'ezwe loko akushoyo uMoya emabandhleni. Onqobayo, lowoke ngi ya kumupa kulo imana elifihliweyo, ngi ya kumnika netshe elimhlope, ku lotshiwe etsheni igama elisha, eli ng'aziwa muntu olamkeliswayo kupela.

18 Kuyo ingelosi yebandhla eli seTiyatira loba u ti:

I sho loku iNdodana ka Nkulunkulu, e mehlo ayo a njengelangabi lomlilo, nezinyawo zayo zi fana netusi elipucuziweyo, i ti: 19 Ngi ya y'azi imisebenzi yako, notando lwako nokukolwa kwako nokukonza kwako nokukutazela kwako, nokuti imisebenzi yako yokugcina miningi kuneyokuqala. 20 Noko ngi na loku nga kuwe, kokuti u vumela lo wesifazana uJezebele o zisho ukuti u ngumprofetikazi; u ya fundisa eduse izinceku zami ukuba zi febe, zi dhle oku hlatshelwe izitombe. 21 Nga m nika isikati sokuba a penduke; kepa ka vumi ukupenduka ekufebeni kwake. 22 Bheka, ngi ya m ponsa ocansini, nabo aba pinga naye ekukatazekeni okukulu, uma be nga penduki emisebenzini yake. 23 Ngi ya kubulala abantwana bake ngokufa; amabandhla onke a ya kwazike ukuti ngi nguye o penya izinso nezinhliziyo; ngi ya kuninika ilowo ngokwemisebenzi yenu. 24 Kepa kinina ngi ti, kwabaseleyo aba seTiyatira, bonke aba nge nayo le mfundiso, abangakwaziyo okujulileyo ku ka Satane, njengabakushoyo; a ngi ponsi pezu kwenu omunye umtwalo. 25 Kantike loko eni nako, ku bambisiseni ngi ze ngi fike. 26 Onqobayo, o gcina imisebenzi yami ku ze ku be sekupeleni, lowoke ngi ya kumnika amandhla pezu kwezizwe: 27 wo zi busa ngentonga yensimbi, njengokuba izitsha zombumbi zi pahlazwa; njengaloku nami ng'amke-

Digitized by Google
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

liswe uBaba: 28 ngi ya kumnika inkanyezi yokusa. 29 O nendhlebe a k'ezwe loko akushoyo uMoya emabandhleni.

3 Kuyo ingelosi yebandhla eli seSardesi loba u ti:

U sho loku lowo o nabo oMoya aba isikombisa ba ka Nkulunkulu, nezinkanyezi ezi isikombisa, u ti: Ngi ya y'azi imisebenzi yako, ukuti u negama lokuti u ya pila, kanti se wa fa. 2 Linda, u simamise okuseleyo, o be se ku za kufa: ngokuba a ngi fumananga imisebenzi yako i pelelisiwe pambi ku ka Nkulunkulu wami. 3 Ngakoke kumbula ukuti wamkele w'ezwa kanjani; u ku gcine, u penduke. Ngakoke uma u nga tanga wa linda, ngi ya kufika njengesela, a u soze wa s'azi isikati engi ya kukufikela ngaso. 4 Kepa u namagama a ingcozana eSardesi a labo aba nga ngcolisanga izingubo zabo: ba ya kuhamba nami bembete okumhlope; ngoba ba fanele. 5 Onqobayo u ya kwambatiswa kanjalo izingubo ezimhlope; a ngi soze nga hlangula igama lake encwadini yokupila, ngi ya kuvuma igama lake emehlweni ka Baba, na semehlweni ezingelosi zake. 6 O nendhlebe a k'ezwe loko akushoyo uMoya emabandhleni.

7 Kuyo ingelosi yebandhla eli seFiladelfiya loba u ti:

U sho loku ongcwele, oqinisekileyo, o nesihlutulelo si ka Davida, o vula ku nga vali muntu, a vale ku nga vuli muntu, u ti: 8 Ngi ya y'azi imisebenzi yako (bheka, ngi beke pambi kwako umnyango u vulekile, o nge na kuvalwa muntu), ukuba u te u nawo amandhla a ingcozana nje, wa gcina izwi lami, a u li pikanga igama lami. 9 Bheka, ngi nika abebandhla lesinagoge li ka Satane, kwaba ti ba ngabaJuda, be nge sibo, kepa be namanga; bheka, ngi ya kwenza ukuba b'eze ba kuleke pambi kwezinyawo zako, nokuba b'azi ukuti ngi ku tandile. 10 Ngokuba wa li gcina izwi lokukutazela kwami, nami ngi za kukugcina esikatini sokuvivinywa, leso esi za kufika kwelakiweyo lonke, ukubavivinya abakileyo emhlabeni. 11 Ngi y'eza masinyane: bambisisa loko o nako, ukuze u nga tatwa muntu umqele wako. 12 Onqobayo ngi ya kumenza insika etempelini li ka Nkulunkulu wami, a ka sa yi kupuma kona: ngi ya kuloba pezu kwake igama li ka Nkulunkulu wami, negama lomuzi ka Nkulunkulu wami, iJerusalem elisha, el'ehla ezulwini ku Nkulunkulu wami, negama lami elisha. 13 O nendhlebe a k'ezwe loko akushoyo uMoya emabandhleni.

14 Na kuyo ingelosi yebandhla eli seLaodikiya loba u ti:

U sho loku uAmen, ufakazi otembekayo oqinisekileyo, ukuqala kwokudaliweyo ku ka Nkulunkulu, u ti: 15 Ngi ya y'azi imisebenzi yako, ukuti a u bandi a u shisi: sengati nga ku be u ya banda noma u ya shisa. 16 Njaloke ngokuba u yisivivi, u nga shisi u nga bandi, ngi ya kukuhlanza u pume emlonyeni wami. 17 Ngokuba u ti, Ngi isicebi, ngi cebile, a ngi swele luto; u ng'azi ukuti u ngolusizi, owokuhaukelwa, ompofu, opuputekayo, o hamba nqunu: 18 ngi ya ku luleka ukuba u tenge kimi igolide eli hlanziswe ngomlilo, ukuze u cebe; nezingubo ezimhlope, ukuze wambate, ku nga bonakali ihlazo lobunqunu bako; nomuti wamehlo wokukata amehlo ako, ukuba u bone. 19 Bonke engibatandayo, ngi ya ba sola ngi ba laye: ngakoke shiseka, u penduke. 20 Bheka, ngi mi emnyango ngi ngqongqota: uma umuntu e zwa izwi lami a vule umnyango, ngi ya kungena kuye, ngi dhle naye, naye a dhle nami. 21 Onqobayo ngi ya kumnika ukuba a hlale nami esihlalweni sami sobukosi, njengaloko nami nga nqoba, nga hlala noBaba esihlalweni sake sobukosi. 22 O nendhlebe a k'ezwe loko akushoyo uMoya emabandhleni.

4 Emva kwa loku nga bona, nanku, umnyango u vulekile ezulwini, nezwi lokuqala engalizwayo, li njengelecilongo li kuluma nami, li ti, Yenyukela lapa, ngi za kukubonisa

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Isihlalo sobukosi ezulwini. Izimpau ezi isikombisa.

oku melwe ukuba ku be kona emva kwa loku. 2 Masinya nga ba kuye uMoya: bheka, kwa ku mi isihlalo sobukosi ezulwini, ku kona o hlezi pezu kwesihlalo sobukosi; 3 lowoke owa e hlezi kona wa e fana netshe ijasipe nesardio ukubonakala kwake: kwa ku kona notingo lwenkosikazi lu haqe isihlalo sobukosi, lu fana nesimaragido ukubonakala kwalo. 4 Isihlalo sobukosi sa si haqwe izihlalo zobukosi ezi mashumi mabili nane: pezu kwezihlalo zobukosi nga bona amalunga a ngamashumi amabili nane e hlezi, embete izingubo ezimhlope; e nemiqele yegolide emakanda awo. 5 Esihlalweni sobukosi ku puma izinyazi namazwi nemidumo. Kwa ku kona izibani zomlilo ezi isikombisa zi vuta pambi kwesihlalo sobukosi, ezi ngoMoya aba isikombisa ba ka Nkulunkulu; 6 ngapambi kwesihlalo sobukosi kwa ku kona okungati ulwandhle lwegilasi lu fana neqwa; ngapakati kwesihlalo sobukosi, ku haqe isihlalo sobukosi, kwa ku kona izidalwa ezizwayo ezine zi gcwele amehlo ngapambili na ngemva. 7 Isidalwa sokuqala sa si fana nengonyama, isidalwa sesibili sa si fana netole, isidalwa sesitatu sa si nobuso obungati obomuntu, isidalwa sesine sa si fana nokozi olundizayo. 8 Lezo zidalwa ezizwayo ezine, zi namapiko a isitupa ngasinye, inxa zonke na ngapakati zi gcwele amehlo: a zi pumuli imini nobusuku, zi ti,

> I ngcwele, i ngcwele, i ngcwele, iNkosi uNkulunkulu, uSomandhla, owa e kona o kona ozayo.

9 Lapo izidalwa ezizwayo se zi m nika udumo nokutuseka nokubongwa yena o hlezi esihlalweni sobukosi, yena opilayo ku ze ku be nini na nini, 10 amalunga a ngamashumi amabili nane a ya kuwa pansi pambi kwake o hlezi esihlalweni sobukosi, a kuleke kuye yena opilayo ku ze ku be nini na nini, a ponse imiqele yawo pambi kwesihlalo sobukosi, e ti,

> 11 U fanele wena, Nkosi yetu no-Nkulunkulu wetu, ukwamkeliswa udumo nokutuseka namandhla: ngokuba uwena owa dala izinto zonke, ngenxa yentando yako za ba kona, za dalwa.

5 Nga bona esandhleni sokunene sa lowo owa e hlezi esihlalweni sobukosi incwadi i lotshwe ngapakati na ngapandhle, i namateliswe ngqi ngezimpau ezi isikombisa. 2 Nga bona ingelosi e namandhla i memezela ngezwi elikulu i ti, Ngubani o fanele ukuvula le ncwadi, nokuqaqa izimpau zayo na? 3 Kwa ku ngeko na munye ezulwini, na semhlabeni, na ngapansi kwomhlaba, owa e namandhla okuvula leyo ncwadi, nokubuka kuyo. 4 Nga kala kakulu, ngokuba ku nga funyanwanga na munye o fanele ukuvula leyo ncwadi, nokubuka kuyo: 5 elinye lamalunga la ti kimi, U nga kali; bheka, iNgonyama e ngeyesizwe sa kwa Juda, iMpande ka Davida, i nqobile ukuba i yi vule leyo ncwadi nezimpau zayo ezi isikombisa. 6 Nga bona ngapakati kwesihlalo sobukosi nezidalwa ezizwayo ezine, na ngapakati kwamalunga, ku mi imVana, kungati i hlatshiwe, i nezimpondo ezi isikombisa, namehlo a isikombisa, a ngoMoya aba isikombisa ba ka Nkulunkulu, aba tunyelwe emhlabeni wonke. 7 Ya fikake, ya yi tabata esandhleni sokunene sa lowo owa e hlezi esihlalweni sobukosi. 8 Lapo i si yi tabatile incwadi, izidalwa ezizwayo ezine namalunga a ngamashumi amabili nane a wa pansi pambi kwemVana, ilelo li nenkoka, nemikele yegolide i gcwele impepo, e imitandazo yabangcwele. 9 A hlabelela ingoma entsha, a ti,

> U fanele wena ukuyitabata incwadi, nokuvula izimpau zayo: ngokuba wa hlatshwa, wa tengela uNkulunkulu ngegazi lako abantu kuyo yonke imindeni, nezilimi, nabantu, nezizwe, 10 wa b'enza ba be umbuso nabapristi ku Nkulunkulu wetu; ba ya busa emhlabeni.

11 Nga bona, ng'ezwa izwi lezingelosi eziningi zi haqe isihlalo sobukosi nezidalwa ezizwayo namalunga; umumo wazo wa u izigidi zezigidi nezinkulu-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ukuvulwa kwezimpau.

ngwane zezinkulungwane; 12 zi ti ngezwi elikulu,

I fanele imVana ehlatshiweyo
ukwamkeliswa amandhla, nengcebo, nokuhlakanipa, nobuqwaga,
nokutuseka, nodumo, nobusiso.

13 Yonke into edaliweyo e sezulwini, n'e semhlabeni, n'e pansi kwomhlaba, n'e selwandhle, nazo zonke izinto ezi kuko, nga zi zwa zi ti,

Ku yena o hlezi esihlalweni sobukosi, na kuyo imVana, a ku be
ubusiso, nokutuseka, nodumo,
nokubusa, ku ze ku be nini na
nini.

14 Izidalwa ezizwayo ezine za ti, Amen. Amalunga a wa pansi a kuleka.

6 Nga bona lapo imVana i vula olunye lwezimpau ezi isikombisa, ng'ezwa esinye sezidalwa ezizwayo ezine si ti kungati ngezwi lokuduma, Woza. 2 Nga bona, nanto, ihashi elimhlope, o kwele kulo e nomnsalo; wa nikwa umqele: wa puma e nqoba nokuze a nqobe.

3 Lapo i vula upau lwesibili, ng'ezwa isidalwa esizwayo sesibili si ti, Woza. 4 Kwa puma elinye ihashi elibomvu tsebu: o kwele kulo wa nikwa ukuba a suse ukutula emhlabeni, nokuba ba bulalane: wa nikwa inkemba enkulu.

5 Lapo i vula upau lwesitatu, ng'ezwa isidalwa esizwayo sesitatu si ti, Woza. Nga bona, nanto, ihashi elimnyama; o kwele kulo e pete isikale esandhleni sake. 6 Ng'ezwa kungati izwi ngapakati kwezidalwa ezizwayo ezine li ti, Imbenge ka kolweni ngosheleni, izimbenge ezintatu zebarle ngosheleni; amafuta newayini u nga k'oni.

7 Lapo i vula upau lwesine, ng'ezwa izwi lesidalwa esizwayo sesine si ti, Woza. 8 Nga bona, nanto, ihashi elimpofu: o kwele kulo, igama lake la li nguKufa; iHaidese la landelana naye. Ba nikwa amandhla pezu kwokwesine kwomhlaba, okuba ba bulale ngenkemba, na ngendhlala, na ngokufa, na ngezilo zomhlaba.

9 Lapo i vula upau lwesihlanu, nga bona ngapansi kwelati imipefumulo ya labo aba be bulawelwe izwi li ka Nkulunkulu, nobufakazi aba be nabo: 10 ba dazuluka ngezwi elikulu, be ti, Ko ze ku be nini, Mninizinto zonke, engcwele neqinisileyo, u ng'ahluleli u pindisele igazi letu ku labo ab'ake emhlabeni na? 11 Ba nikwa kwa ilowo ingubo ende emhlope; kwa tiwa kubo, ma ba ke ba pumule isikashana, ba ze ba pelele naba izinceku kanye nabo nabazalwane babo aba za kubulawa njengabo.

12 Nga bona lapo i vula upau lwesitupa, kwa ba kona ukuzamazama kwomhlaba okukulu; ilanga la ba mnyama njengendwangu yamasaka yoboya, inyanga yonke ya ba njengegazi; 13 izinkanyezi zezulu za wela emhlabeni, njengomkiwane u vutulula umpobo wawo nxa u zanyazanyiswa umoya omkulu. 14 Izulu la mukiswa njengomqulu wencwadi u songwa; izintaba zonke neziqingi za suswa ezindaweni zazo. 15 Amakosi omhlaba, nezikulu, nezinduna ezinkulu, nabacebileyo, naba namandhla, nezigqili zonke nabakululekileyo, ba casha emihumeni na semaweni ezintaba; 16 ba ti ezintabeni na semaweni, Welani pezu kwetu, ni si site ebusweni ba lowo o hlezi esihlalweni sobukosi, na solakeni lwemVana: 17 ngokuba usuku olukulu lolaka lwabo lu fikile; ubani o namandhla okuma na?

7 Emva kwa loku nga bona izingelosi ezine zi mi emagumbini amane omhlaba, zi bambe imimoya emine yomhlaba, ukuze ku nga vunguzi moya emhlabeni, na selwandhle, na kowodwa umuti. 2 Nga bona enye ingelosi yenyuka i vela nga sempumalanga, i nokwokufaka upau lu ka Nkulunkulu opilayo: ya memeza ngezwi elikulu ezingelosini ezine eza nikwa ukuba z'one umhlaba nolwandhle, 3 ya ti, Ni ng'oni umhlaba, nolwandhle, nemiti, si ze si zi beke upau izinceku zi ka Nkulunkulu wetu emabunzini azo. 4 Ng'ezwa umumo waba bekwa upau, izinkulungwane ezi

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ikulu eli namashumi amane nane, aba bekwa upau ezizweni zonke zaba kwa Israeli:

5 Esizweni sa kwa Juda ba bekwa upau aba izinkulungwane ezi ishumi nambili;
Esizweni sa kwa Ruben aba izinkulungwane ezi ishumi nambili;
Esizweni sa kwa Gadi aba izinkulungwane ezi ishumi nambili;
6 Esizweni sa kwa Asheri aba izinkulungwane ezi ishumi nambili;
Esizweni sa kwa Naftali aba izikulungwane ezi ishumi nambili;
Esizweni sa kwa Manase aba izinkulungwane ezi ishumi nambili;
7 Esizweni sa kwa Simeon aba izinkulungwane ezi ishumi nambili;
Esizweni sa kwa Levi aba izinkulungwane ezi ishumi nambili;
Esizweni sa kwa Isakare aba izinkulungwane ezi ishumi nambili;
8 Esizweni sa kwa Zebulun aba izinkulungwane ezi ishumi nambili;
Esizweni sa kwa Josefa aba izinkulungwane ezi ishumi nambili;
Esizweni sa kwa Benjamin ba bekwa upau aba izinkulungwane ezi ishumi nambili.

9 Emva kwa loko nga bona, nasi isixuku esikulu e be si nge na kubalwa muntu, si vela kuzo zonke izizwe nemindeni nabantu ne zilimi, si mi pambi kwesihallo sobukosi na pambi kwemVana, sembete izingubo ezinde ezimhlope, si pete amahlamvu esundu ngezandhla zaso; 10 si memeza ngezwi elikulu, si ti,

Usindiso a lu be ku Nkulunkulu wetu o hlezi esihlalweni sobukosi, na kuyo imVana.

11 Izingelosi zonke za zi mi zi haqe isihlalo sobukosi, zi haqe namalunga nezidalwa ezizwayo ezine; za ti mbo ngobuso pambi kwesihlalo sobukosi, za kuleka ku Nkulunkulu, 12 zi ti,

Amen: Ubusiso, nodumo, nokuhlakanipa, nokubongwa, nokutuseka, namandhla, nobuqwaga, a ku be ku Nkulunkulu wetu ku ze ku be nini na nini. Amen.

13 La pendula elinye lamalunga, li ti kimi, Laba ab'ambete izingubo ezinde ezimhlope ba ngobani na, ba velapi na? 14 Nga ti kulo, Nkosi yami nguwe owaziyo. La ti kimi, Laba ibona aba puma ekukatazekeni okukulu, ba hlanza izingubo zabo ezinde, ba z'enza mhlope ngegazi lemVana. 15 Ngalokoke ba ngapambi kwesihlalo sobukosi si ka Nkulunkulu; ba m konza imini nobusuku etempelini lake: yena o hlezi esihlalweni sobukosi u ya kumisa itabanekele lake pezu kwabo. 16 A ba sa yi kulamba, a ba sa yi kwoma; a ba yi kushaywa ilanga, na kushisa kumbe: 17 ngoba imVana e ngapakati kwesihlalo sobukosi i ya kub'alusa, i ba holele emitonjeni yamanzi okupila: uNkulunkulu u ya kwesula izinyembezi zonke emehlweni abo.

8 Lapo i vula upau lwesikombisa, kwa ti kwatalala ezulwini kungati inxenye yehora. 2 Nga bona izingelosi ezi isikombisa ezi ma pambi ku ka Nkulunkulu; za nikwa amacilongo a isikombisa.

3 Kwa fika enye ingelosi y'ema elatini, i nesitsha sempepo segolide; ya nikwa impepo eningi, ukuba i y'elekele emitandazweni yabangcwele bonke pezu kwelati legolide ela li ngapambi kwesihlalo sobukosi. 4 Kw'enyukelake umusi wempepo, kanye nemitandazo yabangcwele, pambi ku ka Nkulunkulu u puma esandhleni sengelosi. 5 Ingelosi ya tabata isitsha sempepo; ya si gcwalisa ngomlilo welati, ya si ponsa emhlabeni: kwa ba kona imidumo, namazwi, nezinyazi, nokuzamazama kwomhlaba.

6 Izingelosi ezi isikombisa eza zi namacilongo a isikombisa za zilungisela ukubeta.

7 Eyokuqalake ya beta, kwa se ku ba kona isicoto nomlilo, ku xutshaniswe negazi, kwa ponswa emhlabeni: okwesitatu kwomhlaba kwa shiswa qotu, nokwesitatu kwemiti kwa shi-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku betwa amacilongo a isikombisa.

swa qotu, nabo bonke utshani obuluhlaza ba shiswa qotu.

8 Ingelosi yesibili ya beta, kwangati intaba enkulu i vuta umlilo ya ponswa elwandhle: okwesitatu kwolwandhle kwa ba igazi; 9 kwa fa okwesitatu kwokudaliweyo okwa ku selwandhle, oku nemipefumulo; nokwesitatu kwemikumbi kwa bujiswa.

10 Ingelosi yesitatu ya beta, kwa wa ezulwini inkanyezi enkulu, i vuta njengobaqa, ya wela pezu kwokwesitatu kwemifula, na pezu kwemitombo yamanzi; 11 igama la le nkanyezi li tiwa uMhlonyane: okwesitatu kwamanzi kwa ba umhlonyane; abaningi ku bantu ba fa ngamanzi, ngokuba enziwa a baba.

12 Ingelosi yesine ya beta, kwa shaywa okwesitatu kwelanga, nokwesitatu kwenyanga, nokwesitatu kwezinkanyezi; ukuze okwesitatu kwako ku be mnyama, imini i nga kanyi okwesitatu kwayo, nobusuku ngokunjalo.

13 Nga bona, ng'ezwa ukozi lu ndiza pakati nezulu, lu ti ngezwi elikulu, Maye, maye, maye, ngabakileyo emhlabeni, ngawo amanye amazwi ecilongo lezingelosi ezintatu ezi sa ya kubeta.

9 Ingelosi yesihlanu ya beta, nga bona inkanyezi i vela ezulwini i wele emhlabeni: ya nikwa isihlutulelo somgodi wa kwa Lasha. 2 Ya vula umgodi wa kwa Lasha; kw'enyuka umusi u puma emgodini, njengomusi wesitando esikulu; kwenziwa mnyama ilanga nomkati ngomusi womgodi. 3 Kwa puma izinkumbi emusini z'eza emhlabeni; za nikwa amandhla, njengoba ofezela bomhlaba ba namandhla. 4 Kwa tiwa kuzo a zi ng'oni utshani bomhlaba, nanye into eluhlaza, na muti, kupela labo bantu aba nge nalo upau lu ka Nkulunkulu emabunzini abo. 5 Za nikwa ukuba zi nga ba bulali kodwa, ba zwiswe umunyu izinyanga ezi isihlanu: ukuzwisa kwazo umunyu kwa ku njengokuzwisa umunyu ku ka fezela, uma e qosela umuntu. 6 Nga leyo mihla abantu ba ya kufuna ukufa, ba nga ze ba ku fumana; ba ya kufisa ukufa, kepa ukufa ku ba balekele. 7 Ukuma kwezinkumbi kwa ku fana namahashi a lungiselwe ukulwa; emakanda azo ku kona okungati imiqele e fana negolide, ubuso bazo ba bu njengobuso babantu. 8 Za zi nezinwele ezi njengezinwele zabesifazana, amazinyo azo a e njengawezingonyama. 9 Za zi nezingqwegqwe zesifuba, zingati izingqwegqwe zensimbi; umdumo wamapiko azo wa u njengomdumo wezinqolana zempi, owamahashi amaningi e gijimela ekulweni. 10 Zi nemisila e fana neya ofezela, nezindosi; emisileni yazo yilapa ku kona amandhla azo okwona abantu izinyanga ezi isihlanu. 11 Zi nenkosi pezu kwazo ingelosi ya kwa Lasha: igama layo ngokwesiHeberu li nguAbadon, kepa ngokwesiGreki i negama lokuti uApolion.

12 Umaye wokuqala u dhlulile: bheka, ku s'eza omaye ababili ngasemva kwa loku.

13 Ingelosi yesitupa ya beta, ng'ezwa izwi li vela ezimpondweni zelati legolide eli pambi ku ka Nkulunkulu, 14 li ti kuyo ingelosi yesitupa e necilongo, Tukulula izingelosi ezine ezi boshwe emfuleni omkulu uUfrates. 15 Izingelosi ezine za tukululwa, eza zi lungiselwe ihora nosuku nenyanga nomnyaka, ukuba zi bulale okwesitatu kwabantu. 16 Umumo wezimpi zabakwel'amahashi wa u izigidi ezi pindwa kabili zezigidi: ng'ezwa umumo wazo. 17 Nga bona ngokunje amahashi ngombono, nabo aba kwele kuwo, be nezingqwegqwe zesifuba kungati ezomlilo nejakinto nesibabuli: amakanda amahashi a njengamakanda ezingonyama; ku puma emilonyeni yawo umlilo nomusi nesibabuli. 18 Nga lezi zinhlupo ezintatu kwa bulawa okwesitatu kwabantu, ngomlilo na ngomusi na ngesibabuli, okwa puma emilonyeni yawo. 19 Ngokuba amandhla amahashi a semilonyeni yawo, na semisileni yawo: ngokuba imisila yawo i fana nezinyoka, i namakanda; ona ngayo. 20 Abaseleyo babantu,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

aba nga bulawanga nga lezi zinhlupo, a ba pendukanga emisebenzini yezandhla zabo, ukuba ba nga kuleki kuwo amademone, nezitombe zegolide, nezesiliva, nezetusi, nezamatshe, nezemiti; ezi nge na kubona, na kuzwa, na kuhamba: 21 a ba pendukanga kuko ukubulala kwabo, nokutakata kwabo, nobufebe babo, nokweba kwabo.

10 Nga bona enye ingelosi e namandhla yehla ezulwini, yembete ifu; utingo lwenkosikazi lwa lu pezu kwekanda layo, ubuso bayo ba bu njengelanga, izinyawo zayo zi njengezinsika zomlilo; 2 i pete ngesandhla sayo incwajana evuliweyo: ya misa unyawo lwayo lokunene pezu kwolwandhle, nolokohlo pezu kwomhlaba; 3 ya memeza ngezwi elikulu, njengoba ingonyama i bhonga: ya t'ukuba i memeze, imidumo e isikombisa ya sho ngamazwi ayo. 4 Ya t'uba imidumo e isikombisa i sho, nga se ngi za kuloba: ng'ezwa izwi li vela ezulwini li ti, Vala ngopau okushiwoyo imidumo e isikombisa, u nga ku lobi. 5 Ingelosi enga yi bona i mi pezu kwolwandhle na pezu kwomhlaba ya pakamisela ezulwini isandhla sayo sokunene, 6 ya m funga yena opilayo ku ze ku be nini na nini, owa dala izulu na loko oku kulo, nomhlaba na loko oku kuwo, nolwandhle na loko oku kulo, ukuti a ku sa yi kubako ukulibala: 7 kepa ngezinsuku zezwi lengelosi yesikombisa, lapo i si za kubeta, i si fezekile-ke imfihlakalo ka Nkulunkulu, ngokwezindaba ezinhle a zi tshela izinceku zake abaprofeti. 8 Izwi engalizwayo li vela ezulwini, nga li zwa li kuluma nami futi, li ti, Hamba, u ye u tabate incwadi evuliweyo, e sesandhleni sengelosi emiyo pezu kwolwandhle na pezu kwomhlaba. 9 Nga ya ke kuyo ingelosi, nga ti kuyo ma i ngi nike leyo incwajana. Ya ti kimi, Yi tabate, u yi dhle u yi qede; i za kusenza isisu sako si babe, kodwa emlonyeni wako i za kuba mnandi njengezinyosi. 10 Nga yi tabatake incwajana esandhleni sengelosi, nga yi dhla nga yi qeda; ya ba mnandi emlonyeni wami njengezinyosi: nxa se ngi yi dhlileke, sa batshwa isisu sami. 11 Za ti kimi, U melwe ukuba u pinde u profete ngabaningi abantu nezizwe nezilimi namakosi.

11 Nga nikwa uhlanga lu fana nenduku: kwa tiwa, Suka, u linganise itempeli li ka Nkulunkulu, nelati, nabakulekayo be kulo. 2 Kepa igceke eli ngapandhle kwetempeli li shiye ngapandhle, u nga li linganisi; ngokuba li nikwe izizwe: umuzi ongcwele zi ya kuwunyatela pansi izinyanga ezi mashumi mane nambili. 3 Ngi ya kunika ofakazi bami ababili, ukuba ba profete izinsuku ezi inkulungwane namakulu amabili namashumi a isitupa, bembete indwangu yamasaka. 4 Laba ba iminqumo emibili nezinti zezibani ezibili, ezimiyo pambi kweNkosi yomhlaba. 5 Uma umuntu e funa ukwona laba, ku puma umlilo emlonyeni wabo u dhle izita zabo: umake umuntu e funa ukwona laba, ku melwe ukuba a bulawe kanjalo. 6 Laba ba namandhla okuvala izulu, ukuze li nga ni ngezinsuku zokuprofeta kwabo: ba namandhla pezu kwamanzi okuba ba wa pendule igazi, nawokushaya umhlaba ngezinhlupo zonke, inxa be suka be tanda. 7 Ko ti nxa se be qedile ubufakazi babo, isilo es'enyuka si puma kwa Lasha si lwe nabo, si ba nqobe, si ba bulale. 8 Izidumbu zabo zi ya kuba sesitaladini somuzi omkulu, o tiwa ngokwomoya iSodom nEgipite, lapo neNkosi yabo ya betelwa kona. 9 Aba ku bantu nabemindeni nabezilimi nabezizwe ba ya kubuka izidumbu zabo izinsuku ezintatu nenxenye, ba nga vumi ukuba izidumbu zabo zi fakwe etuneni. 10 Abakileyo emhlabeni ba ya tokoza ngabo, ba jaje; ba ya kutumelana izipo; ngokuba laba baprofeti ababili ba zwisa umunyu abakileyo emhlabeni. 11 Emva kwezinsuku ezintatu nenxenye umoya wokupila o vela ku Nkulunkulu wa ngena kubo, b'ema ngezinyawo zabo; b'ehlelwa ukwesaba okukulu abababonayo. 12 B'ezwa izwi elikulu li vela ezulwini li

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

ti kubo, Yenyukelani lapa. Benyukelake ezulwini ngefu; za ba bona izita zabo. 13 Nga lona lelo hora kwa ba kona ukuzamazama okukulu kwomhlaba, kwa wa okweshumi kwomuzi; kwa bulawa ngokuzamazama kwomhlaba abantu aba izinkulungwane ezi isikombisa: abaseleyo b'esaba, ba nika udumo uNkulunkulu wezulu.

14 Umaye wesibili u dhlulile: bheka, Umaye wesitatu u y'eza masinyane.

15 Ingelosi yesikombisa ya beta; kwa ba kona amazwi amakulu ezulwini, a ti,

> Umbuso womhlaba u su ngowe-Nkosi yetu, noka Kristu wayo: i ya kubusa ku ze ku be nini na nini.

16 Amalunga a ngamashumi amabili nane, a hlezi pambi ku ka Nkulunkulu ezihlalweni zobukosi zawo, a ti mbo ngobuso a kuleka ku Nkulunkulu, 17 e ti,

> Si ya ku bonga, Nkosi Nkulunkulu, Somandhla, o kona owa u kona; ngokuba u tabate amandhla ako amakulu wa busa. 18 Izizwe za ba nolaka, ulaka lwako lwa fika, kwa fika nesikati sabafileyo sokuba b'ahlulelwe, nesokuba zi nikwe umvuzo wazo izinceku zako abaprofeti, nabo abangcwele, nabo ab'esaba igama lako, abancane nabakulu; nokuba u bubise aba bubisa umhlaba.

19 Kwa vulwa itempeli li ka Nkulunkulu eli sezulwini; kwa bonwa umpongolo wesivumelwano sake etempelini lake; kwa ba kona izinyazi, namazwi, nemidumo, nokuzamazama kwomhlaba, nesicoto esikulu.

12 Kwa bonwa ezulwini isibonakaliso esikulu: owesifazana embete ilanga, inyanga i pansi kwezinyawo zake, ekanda lake ku kona umqele wezinkanyezi ezi ishumi nambili; 2 wa e kulelwe; wa dazuluka, e nenimba, e sikwa ubuhlungu bokubeleta. 3 Kwa bonwa esinye isibonakaliso ezulwini: nangoke, udrako omkulu obomvu tsebu, e namakanda a isikombisa nezimpondo ezi ishumi, ku kona emakanda ake imiqele e isikombisa. 4 Umsila wake u hudule okwesitatu kwezinkanyezi zezulu, wa zi ponsa emhlabeni: udrako w'ema pambi kwowesifazana o be se za kubeleta, ukuze ku ti inxa e beleta a dhle a qede umntwana wake. 5 Wa beletake indodana, umntwana wesilisa, o za kubusa izizwe zonke ngentonga yensimbi: umntanake wa hlwitelwa ku Nkulunkulu na sesihlalweni sake sobukosi. 6 Owesifazana wa balekela ehlane, lapo e nendawo a yi lungiselwe uNkulunkulu, ukuba ba m ondhle kona izinsuku ezi inkulungwane namakulu amabili namashumi a isitupa.

7 Kwa ba kona ukulwa ezulwini: uMikayeli nezingelosi zake be ya kulwa nodrako: udrako wa lwa e kanye nezingelosi zake; 8 a ba ze b'ahlula, indawo yabo a ya be i sa funyaniswa ezulwini. 9 Wa ponswa pansi udrako omkulu, inyoka endala, o tiwa uMhlebi, uSatane, ow'edusa elakiweyo lonke; wa ponswa pansi emhlabeni, nezingelosi zake za ponswa pansi kanye naye. 10 Ng'ezwa izwi elikulu ezulwini, li ti,

> Kaloku se ku fikile usindiso, nobuqwaga, nombuso ka Nkulunkulu wetu, namandhla ka Kristu wake: ngokuba u ponswe pansi ummangaleli wabazalwane betu, obamangalelayo pambi ku ka Nkulunkulu wetu imini nobusuku. 11 Ba m nqoba ngenxa yegazi lemVana, na ngenxa yezwi lobufakazi babo; a ba tandanga na kupila kwabo kwa ze kwa ba sekufeni. 12 Ngaloku jajani, mazulu, nani eni hlala kuwo. Maye ngomhlaba nolwandhle: ngokuba umhlebi wehlele kini, e nokufuteka okukulu, azi ukuti isikati a naso sincane nje.

13 Wa ti udrako ukubona ukuti u ponswe pansi emhlabeni, wa zingela owesifazana o zale umntwana wesilisa. 14 Owesifazana wa nikwa amapiko amabili okozi olukulu, ukuba a ndizele ehlane endaweni yake, lapa ondhliwa kona isikati, nezikati, ne-

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

nxenye yesikati, a nga biko ebusweni benyoka. 15 Inyoka ya cinsa ngomlomo wayo emva kwowesifazana amanzi a njengomfula, ukuba i m enze a muke nomfula. 16 Umhlaba wa siza owesifazana, umhlaba wa vula umlomo wawo wa minza umfula udrako awucinsileyo ngomlomo wake. 17 Udrako wa tukutelela owesifazana, w'emuka wa yo kulwa nabaseleyo benzalo yake, aba gcina imiyalo ka Nkulunkulu, be pete ubufakazi bu ka Jesu: 1 **13** w'ema esihlabatini solwandhle.

Nga bona isilo s'enyuka si puma elwandhle, si nezimpondo ezi ishumi namakanda a isikombisa, ezimpondweni zaso ku kona imiqele e ishumi, emakanda aso ku kona amagama enhlamba. 2 Isilo engasibonayo sa si fana nengwe, izinyawo zaso zi njengezebere, umlomo waso u njengomlomo wengonyama: udrako wa si nika ubuqwaga bake, nesihlalo sake sobukosi, namandhla amakulu. 3 Nga bona elinye lamakanda aso kungati li debeziwe okwokufa; kepa inxeba laso eli bang'ukufa la poliswa: umhlaba wonke wa landela isilo u mangala; 4 ba kuleka kuye udrako ngoba wa nika isilo amandhla ake; ba kuleka na sesilweni, be ti, Ubani o fana nesilo? ubani o namandhla okulwa naso na? 5 sa nikwa umlomo o kuluma izinto ezinkulu nezinhlamba; sa nikwa amandhla okuba si qube iziyanga ezi mashumi amane nambili. 6 Sa vula umlomo waso ngokuhlambalaza uNkulunkulu, si hlambalaza igama lake, netabanekele lake, nabo aba hlezi ezulwini. 7 Sa nikwa ukuba si lwe nabangcwele, si ba nqobe: sa nikwa amandhla pezu kwemindeni yonke nabantu nezilimi nezizwe. 8 Ba ya kukuleka kuso bonke abakileyo emhlabeni, wonke o gama lake li nga lotshwanga encwadini yokupila yemVana ehlatshiweyo iloku kwa sekelwa umhlaba. 9 Uma umuntu e nendhlebe a k'ezwe. 10 Uma umuntu e ngowokutunjwa, u ya kona ekutunjweni: uma umuntu e bulala ngenkemba, naye ku melwe ukuba a bulawe ngenkemba. Naku ukukutazela nokukolwa kwabangcwele.

11 Nga bona esinye isilo senyuka si puma emhlabeni; sa si nezimpondo ezimbili ezi fana nezemvana, sa kuluma njengodrako. 12 Amandhla onke esilo sokuqala si ya wa sebenzisa pambi kwaso. S'enza umhlaba nabakileyo kuwo ukuba ba kuleke esilweni sokuqala, esinxeba laso eli bang'ukufa la poliswa. 13 S'enza izibonakaliso ezikulu, okokuba s'enze nomlilo u pume ezulwini w'ehlele emhlabeni pambi kwabantu. 14 Si b'edusa abakileyo emhlabeni ngezibonakaliso esa zi nikwa ukuba si z'enze pambi kwesilo; si ti kwabakileyo emhlabeni, ma ba s'enzele umfanekiso isilo esi be nenxeba lenkemba sa buya kanti sa pila. 15 Sa nikwa ukuba si wu nike umoya, wona umfanekiso wesilo, ukuba umfanekiso wesilo u kulume, wenze futi ukuba bonke inxa be nga kuleki emfanekisweni wesilo ba bulawe. 16 S'enza ukuba bonke, abancane nabakulu, abacebileyo nabampofu, abakululekileyo naba izigqili, ukuba ba fakwe upau esandhleni sokunene sabo, nokuba ebunzini labo; 17 nokuba ku nga biko muntu o namandhla okutenga nokutengisa, kupela lowo o nopau, nokuba igama lesilo nokuba isibalo segama laso. 18 Naku ukuhlakanipa. Yena o nokuqonda, a ka bale isibalo sesilo; ngokuba si isibalo somuntu: isibalo sake si ngamakulu a isitupa namashumi a isitupa nesitupa.

Nga bonake, nanso, imVana **14** i mi entabeni iZion, be nayo aba izinkulungwane ezi ikulu eli namashumi amane nane, be negama layo, negama li ka Yise, li lotshiwe emabunzini abo. 2 Ng'ezwa izwi li vela ezulwini, li njengezwi lamanzi amaningi, na njengezwi lokuduma okululu: izwi engalizwayo la li nje-ng'elaba beta izinkoka be beta izinkoka zabo: 3 ba hlabelela kwangati ingoma entsha pambi kwesihlalo sobukosi, na pambi kwezidalwa ezizwayo ezine namalunga: a ku bangako

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

o namandhla okufunda leyo ngoma kupela aba izinkulungwane ezi ikulu eli namashumi amane nane, abatengiweyo emhlabeni. 4 Ilaba aba nga ngcoliswanga isifazana; ngokuba ba njengezintombi ezicwebileyo. Ilaba aba landela imVana napi lapa i ya kona. Laba ba tengwa ebantwini ba be ulibo ku Nkulunkulu na kuyo imVana. 5 Emlonyeni wabo a ku funyaniswanga manga: a ba na sici.

6 Nga bona enye ingelosi i ndiza pakati nezulu, i nezindaba ezinhle ezimiyo njalo ukuba i zi memezele kwaba hlezi emhlabeni, na kuzo zonke izizwe nemindeni nezilimi nabantu; 7 i ti ngezwi elikulu, M esabeni uNkulunkulu ni m nike udumo; ngokuba isikati sokwahlulela kwake si fikile: ni kuleke kuye ow'enza izulu nomhlaba nolwandhle nemitombo yamanzi.

8 Nenye, ingelosi yesibili, ya landela, i ti, Li wile, li wile iBabulon elikulu, eli puzise izizwe zonke iwayini lokufuteka kwobufebe balo.

9 Nenye ingelosi, eyesitatu, ya zi landela, i ti ngezwi elikulu, Uma umuntu e kuleka esilweni na semfanekisweni waso, amkele upau ebunzini lake, noma esandhleni sake, 10 naye u ya kulipuza iwayini lokufuteka ku ka Nkulunkulu, eli lungisiwe li nga xubanisiwe endebeni yentukutelo yake, a zwiswe umunyu ngomlilo na ngesibabuli pambi kwezingelosi ezingcwele, na pambi kwemVana: 11 umusi wokuzwiswa kwabo umunyu u y'enyuka ku ze ku be nini na nini; a ba na kupumula imini nobusuku aba kuleka esilweni na semfanekisweni waso, n'o suk'amkele upau lwegama laso. 12 Naku ukukutazela kwabangcwele, aba gcina imiyalo ka Nkulunkulu, nokukolwa ku Jesu.

13 Ng'ezwa izwi li vela ezulwini li ti, Loba ukuti, Ba busisiwe abafileyo aba fela eNkosini ku sukela manje: yebo, u sho uMoya, ukuba ba pumule ekukandhlekeni kwabo; ngoba imisebenzi yabo i landelana nabo.

14 Nga bona, nantoke ifu elimhlope; pezu kwefu ku hlezi o fana nendodana yomuntu, e nomqele wegolide ekanda lake, e pete esandhleni sake isikela elibukali. 15 Enye ingelosi ya puma etempelini, i memeza ngezwi elikulu kuye owa e hlezi pezu kwefu i ti, Faka isikela lako, u vune: ngokuba se si fikile isikati sokuvuna; ngokuba se s'omile isivuno somhlaba. 16 Lowo owa e hlezi pezu kwefu wa ponsa isikela lake emhlabeni; wa vunwake umhlaba.

17 Enye ingelosi ya puma etempelini eli sezulwini, nayo i nesikela elibukali. 18 Enye ingelosi ya puma elatini, yona e namandhla pezu kwomlilo; ya sho ngezwi elikulu kuyo e bi nesikela elibukali, i ti, Faka isikela lako elibukali, u bute izihleke zomvini womhlaba; ngokuba amavini awo a vutiwe. 19 Ingelosi ya se i ponsa isikela layo emhlabeni, ya buta umvini womhlaba, ya wu ponsa esikamweni sevini esikulu sokufuteka ku ka Nkulunkulu. 20 Isikamo sevini sa nyatelwa ngapandhle kwomuzi, kwa puma igazi esikamweni sevini, la za la fika ematomini amahashi, li qeda ibanga lamastadiu a inkulungwane namakulu a isitupa.

15 Nga bona esinye isibonakaliso ezulwini, esikulu esimangalisayo, izingelosi ezi isikombisa zi nezinhlupo ezi isikombisa, ezi ngezokupela, ngokuba ku peleliswa ngazo ukufuteka ku ka Nkulunkulu.

2 Nga bona kwangati ulwandhle lwegilasi lu xubene nomlilo; nabo aba vela ekunqobeni kwabo isilo, nomfanekiso waso, nesibalo segama laso, be mi nga selwandhle lwegilasi, be nezinkoka zi ka Nkulunkulu. 3 Ba hlabelela ingoma ka Moses inceku ka Nkulunkulu, nengoma yemVana, be ti,

> Mikulu i ya mangalisa imisebenzi yako, Nkosi Nkulunkulu Somandhla; zi lungile zi qinisekile izindhlela zako, wena Nkosi ya pakade. 4 Ubani o nga yi kwesaba, Nkosi, a dumise igama lako na? ngokuba uwe wedwa ongcwele; ngokuba izizwe zonke zi ya kuza zi kuleke pambi kwako; ngokuba izenzo zako zokulunga zi bonakalisiwe.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Ku tululwa ukufuteka ku ka Nkulunkulu. Imikele ngamunye.

5 Emva kwa loku nga bona, ku vulwa itempeli letabanekele lesifakazo ezulwini: **6** kwa puma etempelini izingelosi ezi isikombisa ezi nezinhlupo ezi isikombisa, zembete itshe eli igugu elite ya, elikazimulayo, zi zibope ezifubeni ngamabande egolide. **7** Esinye sezidalwa ezizwayo ezine sa zi nika izingelosi ezi isikombisa imikele yegolide e isikombisa i gcwele ukufuteka ku ka Nkulunkulu, opilayo ku ze ku be nini na nini. **8** Itempeli la gcwala umusi o vela ebucwazicwazini bu ka Nkulunkulu, na semandhleni ake; kwa ku nge ngene muntu etempelini, zi nga ka peleli izinhlupo ezi isikombisa zezingelosi ezi isikombisa.

16 Ng'ezwa izwi elikulu li vela etempelini, li ti kuzo izingelosi ezi isikombisa, Hambani, ni yo tululela emhlabeni imikele e isikombisa yokufuteka ku ka Nkulunkulu.

2 Eyokuqala ya ya, ya tululela umkele wayo emhlabeni; kwa vela isilonda esibi esi nobuhlungu ku bantu aba be nopau lwesilo, naba kuleka emfanekisweni waso.

3 Eyesibili ya tululela umkele wayo elwandhle; lwa ba igazi kungati elofileyo; ya fa yonke into ezwayo, konke okwa ku selwandhle.

4 Eyesitatu ya tululela umkele wayo emifuleni na semitonjeni yamanzi; kwa ba igazi. **5** Ng'ezwa ingelosi yamanzi i ti, U lungile wena, o kona owa u kona, oNgcwele, ngokuba wa nquma kanje: **6** ngokuba ba palaza igazi labangcwele nelabaprofeti, u ba nikile igazi ukuba ba li puze: ba fanele. **7** Ng'ezwa ilati li ti, Yebo, Nkosi Nkulunkulu, Somandhla, zi qinisekile zi lungile izahlulelo zako.

8 Eyesine ya tululela umkele wayo pezu kwelanga; la nikwa okukuba li hangule abantu ngomlilo. **9** Abantu ba hangulwa ukushisa okukulu: ba hlambalaza igama li ka Nkulunkulu o namandhla pezu kwa lezi zinhlupo; a ba pendukanga ukuba ba m nike udumo.

10 Eyesihlanu ya tululela umkele wayo pezu kwesihlalo sobukosi sesilo; umbuso waso w'enziwa mnyama; ba dhla izilimi zabo ngobuhlungu, **11** ba hlambalaza uNkulunkulu wezulu ngenxa yobuhlungu babo na ngenxa yezilonda zabo; a ba pendukanga emisebenzini yabo.

12 Eyesitupa ya tululela umkele wayo pezu kwomfula omkulu, uUfrates: kwa sha amanzi awo, ukuze indhlela i lungiselwe amakosi a vela empumalanga. **13** Nga bona ku puma emlonyeni ka drako, na semlonyeni wesilo, na semlonyeni womprofeti wamanga, omoya abatatu abangcolileyo, kwangati izingxangxa: **14** ngokuba ba ngomoya bamademone, b'enza izibonakaliso; aba puma ba ya emakosini elakiweyo lonke, ukuba ba wa butele ekulweni kwa lowo mhla omkulu ka Nkulunkulu, uSomandhla. **15** (Bheka, ngi y'eza njengesela. U busisiwe yena olindayo, a gcine izingubo zake, funa a hambeze, ba bone ihlazo lake.) **16** Ba wa butela endaweni e tiwa ngesiHeberu iHar-Magedon.

17 Eyesikombisa ya tululela umkele wayo pezu kwomkati; kwa puma izwi elikulu etempelini, li vela esihlalweni sobukosi, li ti, Se kwenzekile: **18** kwa ba kona izinyazi, namazwi, nemidumo; kwa ba kona nokuzamazama kwomhlaba okukulu, oku nga zanga ku ze ku be kona okunjalo seloku kwa ba kona abantu emhlabeni, ukuzamazama kwomhlaba okungaka okukulu kanjeya. **19** Umuzi omkulu wa ba zigaba zitatu, imizi yezizwe ya wa: iBabulon elikulu la kunjulwa pambi ku ka Nkulunkulu, ukuba a li nike indebe yewayini lokufuteka kwolaka lwake. **20** Iziqingi zonke za baleka, nezintaba a zi funyaniswanga. **21** Isicoto esikulu, amatshe aso a ngangetalenta ukusinda kwawo, si vela ezulwini s'ehlela pezu kwabantu: abantu ba hlambalaza uNkulunkulu ngenxa yohlupo lwesicoto; ngokuba uhlupo lwaso lu lukulu kakulu.

17 Kw'eza enye yezingelosi ezi isikombisa eza zi nemikele e isikombisa, ya kuluma nami, i ti, Woza

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lapa, ngi ku bonise ukwahlulelwa kwesifebe esikulu esi hlezi pezu kwamanzi amaningi; 2 a feba naso amakosi omhlaba; nabakileyo emhlabeni ba dakiswa iwayini lobufebe baso. 3 Ya ngi yisa ehlane ngi kuye uMoya: nga bona owesifazana e kwele isilo esibomvu, si gcwele amagama enhlamba, si namakanda a isikombisa nezimpondo ezi ishumi. 4 Owesifazana wa embete okububende nokubomvu, e vunule ngegolide na ngamatshe a nenani na ngamaparele, e pete indebe yegolide ngesandhla sake i gcwele amanyala, izinto ezingcolileyo zobufebe bake, 5 ku lotshiwe ebunzini lake igama lokuti IMFIHLAKALO, IBABULON ELIKULU, UNINA WEZIFEBE NOWAMANYALA OMHLABA. 6 Nga bona owesifazana lowo e dakiwe igazi labangcwele, negazi la ofakazi ba ka Jesu. Nga ti ukumbona, nga mangala ngokumangala okukulu. 7 Ingelosi ya ti ke kimi, U mangaleleni na? Ngi za kukutshela imfihlakalo yowesifazana, neyesilo esimtweleyo, esi namakanda a isikombisa nezimpondo ezi ishumi. 8 Isilo owasibonayo sa si kona, ka si seko; se si za kwenyuka si puma kwa Lasha, si ye ekubujisweni. Ba ya kumangala abakileyo emhlabeni, abamagama abo a nga lotshwanga encwadini yokupila iloku kwa sekelwa umhlaba, nxa be bona isilo, ukuti sa si kona, ka si seko, si ya kuba kona. 9 Nanku umqondo o nokuhlakanipa. Amakanda a isikombisa a izintaba ezi isikombisa, owesifazana a hlezi kuzo: 10 a ngamakosi a isikombisa; a isihlanu a wile, enye i kona, enye a i ka fiki; nxa i si fikile, ku melwe ukuba i hlale isikashana. 11 Isilo esa si kona, esi nga seko, sona si ngeyesishiyangalombili naso, si kuwo a isikombisa; si ya ekubujisweni. 12 Izimpondo ezi ishumi owazibonayo zi ngamakosi a ishumi, a nga k'amkeli mbuso, kepa amkeliswa amandhla njengamakosi ihora linye kanye nesilo. 13 Lawa a nokubona kunye, a nika isilo ubuqwaga namandhla awo. 14 Lawa a ya kulwa nemVana, imVana i ya kuwanqoba, ngokuba i nguMbusi wababusi, neNkosi yamakosi; na labo aba nayo ba ya kunqoba, be ngababiziweyo nabaketiweyo nabatembekileyo. 15 Ya ti kimi, Amanzi owawabonayo, lapa si hlezi kona isifebe, a ngabantu, nezixuku, nezizwe, nezilimi. 16 Izimpondo ezi ishumi owazibonayo, nesilo, lezi zi ya kuzonda isifebe, zi s'enze si be incitakalo si be ze, zi dhle inyama yaso, zi si shise qotu ngomlilo. 17 Ngokuba uNkulunkulu u ku fakile ezinhliziyweni zazo ukuba zi kwenze ukubona kwake, zi be kubona kunye, zi nike isilo umbuso wazo, a ze a fezeke amazwi ka Nkulunkulu. 18 Owesifazana owambonayo u ngumuzi omkulu, o nombuso pezu kwamakosi omhlaba.

18 Emva kwa loku nga bona enye ingelosi yehla i vela ezulwini, i namandhla amakulu; umhlaba wa kanyiswa ngobucwazicwazi bayo. 2 Ya memeza ngezwi eli namandhla, ya ti, Li wile, li wile iBabulon elikulu, se li indawo yokuhlala amademone, nenqaba ya omoya abangcolileyo bonke, nenqaba yezinyoni zonke ezingcolileyo nezizondekayo. 3 Ngoba ngewayini lokufuteka kwobufebe balo zi wile izizwe zonke; namakosi omhlaba a febile nalo, nabahwebi bomhlaba ba cebile ngamandhla okutamasa kwalo.

4 Ng'ezwa elinye izwi li vela ezulwini, li ti, Pumani kulo, bantu bami, ukuze ni nga hlanganyeli nalo izono zalo, nokuze ni ng'amkeliswa okwezinhlupo zalo: 5 ngokuba izono zalo zi finyelele na sezulwini, uNkulunkulu u kumbulile ukungalungi kwalo. 6 Buyiselani kulo njengaloku ela buyisela ngako kinina, ni pinde okupindiweyo ngokwemisebenzi yalo: endebeni eli xubele kuyo, li xubeleni kabili kuyo. 7 Nokuba ku ngakanani ukuzidumisa kwalo, nokutamasa a tamasa ngako, li nikeni ngokungako ukuzwa umunyu nokulila: ngokuba li ti enhliziyweni yalo, Ngi hlezi ngi inkosikazi, a ngi siye umfelokazi, a ngi soze nga bona ukulila. 8 Nga lokoke nga lusuku lunye ku za kufika izinhlupo

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

zalo, ukufa, nokulila, nendhlala; li ya kushiswa qotu ngomlilo; ngokuba i namandhla iNkosi uNkulunkulu owalahlulelayo. 9 Amakosi omhlaba, a feba nayo a hlala ngokutamasa nalo, a ya kulikalela a li mbongozele, nxa e buka umusi wokusha kwalo, 10 e mi kude ngokwesaba ukuzwiswa kwalo umunyu, e ti, Maye, maye, umuzi omkulu iBabulon, umuzi o namandhla! ngokuba ngehora li linye ku fikile ukwahlulelwa kwako. 11 Abahwebi bomhlaba ba ya li kalela ba li lilele, ngokuba a i sa tengwa muntu impahla yabo; 12 impahla yegolide, neyesiliva, namatshe a nenani, namaparele, nelineni elicolekileyo, nokububende, nosilika, nokubomvu: nemiti yonke eyenza amaka, nezitsha zonke zopondo lwendhlovu, nezitsha zonke zomuti o nenani elikulu, nezetusi, nezensimbi, nezetshe elimhlope; 13 nekinamona, noku nepunga elimnandi, nempepo, namafuta okuqola, nenhlaka, newayini, namafuta omnqumo, nempupu ecolekileyo, nokolweni, nezinkomo, nezimvu; namahashi, nezinqolana, nezigqili; nemipefumulo yabantu. 14 Izitelo eza zi kanukwa umpefumulo wako zi mukile kuwe, nezinto zonke ezi ubilebile nezi makwezikwezi zi bubile kuwe, a ku soze ku be ku sa funyanwa nakanye. 15 Abahwebi ba lezi zinto, aba cebiswa yilo, ba za kumela kude ngokwesaba ukuzwiswa kwalo umunyu, be kala be lila; 16 be ti, Maye, maye, umuzi omkulu, owa wembete ilineni elicolekileyo nokububende nokubomvu, u vunule ngegolide na ngamatshe a nenani na ngamaparele! 17 ngokuba ngehora li linye ingcebo engaka i citekile. Onke amakosi emikumbi, naye wonke o ya napi ngomkumbi, namatilosi, nabo bonke aba sebenza elwandhle, b'emela kude, 18 ba dazuluka be buka umusi wokusha kwalo, be ti, Umupi umuzi o fana na lo muzi omkulu? 19 Ba tela utuli emakanda abo, ba dazuluka, be kala be lila, be ti, Maye, maye, umuzi omkulu, aba cebe kuwo bonke aba nemikumbi elwandhle ngenxa yengcebo enqabileyo yawo! ngokuba ngehora li linye u citekile. 20 Jaja ngalo, wena zulu, nani bangcwele, nani bapostoli, nani baprofeti; ngokuba uNkulunkulu u l'ahlulele ngokwahlulela kwenu.

21 Ingelosi e namandhla ya fukula itshe kwangati itshe elikulu lokusila ya li ponsa elwandhle, i ti, Ngokunjalo ngokuti ngqumbu iBabulon, umuzi omkulu, li ya kuponswa pansi, li nga be li sa funyanwa neze. 22 Izwi laba beta inkoka nelabahlabeleli nelaba beta imitshingo nelaba beta namacilongo a li sa yi kuzwakala neze kuwe; na mupi umlumbi, noma owa lupi uhlobo, a ka sa yi kufunyaniswa kuwe neze; umsindo wetshe lokusila a u sa yi kuzwakala kuwe neze; 23 ukukanya kwesibani a ku sa yi kukanya pakati kwako neze; nezwi lomyeni neli ka makoti a li sa yi kuzwakala kuwe neze; ngokuba abahwebi bako ba be izikulu zomhlaba; ngokuba ngokutakata kwako izizwe zonke z'edusiwe. 24 Ku lona kwa funyanwa igazi labaprofeti nelabangcwele, nelabo bonke aba bulewe emhlabeni.

19 Emva kwa loku ng'ezwa kwangati izwi elikulu lesixuku esikulu ezulwini, li ti,

> Haleluya; Usindiso, nodumo, namandhla, ku ngoku ka Nkulunkulu wetu: 2 ngokuba zi qinisile zi lungile izahlulelo zake; ngokuba w'ahlulele isifebe esikulu, sona es'onakalisa umhlaba ngobufebe baso, u li pindisele igazi lezincèku zake kuso isandhla saso.

3 Ba ti ngokwesibili, Haleluya. Umusi waso wenyuka ku ze ku be nini na nini. 4 Amalunga a ngamashumi amabili nane nezidalwa ezizwayo ezine za wa pansi za kuleka ku Nkulunkulu o hlezi esihlalweni sobukosi, zi ti, Amen; Haleluya. 5 Kwa puma izwi esihlalweni sobukosi, li ti,

> Babazani uNkulunkulu wetu, nina nonke zinceku zake, nina enimesabayo, abancane nabakulu.

6 Ng'ezwa kwangati izwi lesixuku esikulu, kwangati izwi lamanzi amaningi,

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

kwangati izwi lemidumo e namandhla, li ti,

Haleluya: ngokuba iNkosi uNkulunkulu wetu, uSomandhla, u ya busa. 7 A si tokoze s'etabe kakulu, a si m nike udumo: ngokuba umshado wemVana u fikile, umkayo u zilungisele. 8 Wa nikwa ukuba ambate ilineni elicolekileyo elikazimulayo eli te ya: ngokuba ilineni elicolekileyo li izenzo ezilungileyo zabangcwele.

9 Ya ti kimi, Loba, u ti, Ba busisiwe aba menyelwe esidhlweni somshado wemVana. Ya ti kimi, Lawa a ngamazwi aqinisileyo ka Nkulunkulu. 10 Nga wa pansi pambi kwezinyawo zayo ukukuleka kuyo. Ya ti kimi Qapela u ng'enzi njalo: ngi inceku kanye nawe nabazalwane bako aba pete ubufakazi bu ka Jesu: kuleka ku Nkulunkulu: ngokuba ubufakazi bu ka Jesu bu ngumoya wokuprofeta.

11 Nga bona izulu li vulekile; nanto, ihashi elimhlope, naye o kwele kulo o bizwa ngokuti oTembekayo noQinisekileyo; u y'ahlulela a lwe ngokulunga. 12 Amehlo ake a ilangabi lomlilo, ekanda lake ku kona imiqele eminingi; u negama elilotshiweyo eli ng'aziwa muntu uyena kupela. 13 Wembete ingubo e fafazwe ngegazi: igama lake li tiwa uLizwi ka Nkulunkulu. 14 Izimpi ezi sezulwini za m landela zi semahashini amhlope, zi gqoke ilineni elicolekileyo, elimhlope eli te ya. 15 Ku puma emlonyeni wake inkemba e bukali, ukuze ku ti ngayo a shaye izizwe: u ya kuzibusa ngentonga yensimbi: u ya nyatela isikamo sevini lokufuteka kwolaka lu ka Nkulunkulu, uSomandhla. 16 U negama li lotshiwe engutsheni yake na setangeni lake, eli ti, INKOSI YAMAKOSI, NOMBUSI WABABUSI.

17 Nga bona ingelosi i mi elangeni; ya memeza ngezwi elikulu, i ti kuzo zonke izinyoni ezindizayo pakati nezulu, Yizani ni butane esidhlweni esikulu si ka Nkulunkulu; 18 ukuba ni dhle inyama yamakosi, nenyama yezinduna, nenyama yeziqwaga, nenyama yamahashi neyaba kwele kuwo, nenyama yabo bonke abakululekileyo naba izigqili, nabancane nabakulu.

19 Nga bona isilo, namakosi omhlaba, nezimpi zawo, zi butene ukulwa naye owa e kwele ehashini nempi yake. 20 Isilo sa banjwa, nomprofeti wamanga kanye naso ow'enza izibonakaliso pambi kwaso, a b'edusa ngazo ab'amkela upau lwesilo naba kuleka emfanekisweni waso: labo bobabili ba ponswa b'ezwa ecibini lomlilo eli vuta isibabuli: 21 abaseleyo ba bulawa ngenkemba ya lowo owa e kwele ehashini, eya puma emlonyeni wake: izinyoni zonke za suta inyama yabo.

20 Nga bona ingelosi yehla i vela ezulwini, i pete isihlutulelo sa kwa Lasha neketanga elikulu ngesandhla sayo. 2 Ya m bamba udrako, inyoka endala, e nguMhlebi uSatane, ya m bopa iminyaka e inkulungwane, 3 ya m ponsa kwa Lasha, ya vala, ya qinisa ngopau nga pezu kwake, ukuze a nga be e s'edusa izizwe, i ze i pele iminyaka e inkulungwane: emva kwa loku ku melwe ukuba a tukululwe isikashana.

4 Nga bona izihlalo zobukosi; ba hlala pezu kwazo, ba nikwa ukwahlulela: nga bona imipefumulo yaba be nqunyiwe amakanda ngokufakaza ngaye uJesu, na ngezwi li ka Nkulunkulu, na labo aba nga kulekanga esilweni, na semfanekisweni waso, aba ng'amkelanga upau ebunzini labo na sesandhleni sabo; ba pila, ba busa kanye noKristu iminyaka e inkulungwane. 5 Abafileyo abaseleyo a ba pilanga ya za ya pela iminyaka e inkulungwane. Loku ku nguvuka kwokuqala. 6 U busisiwe u ngcwele lowo o nesabelo ekuvukeni kwokuqala: pezu kwabanjalo ukufa kwesibili a ku namandhla; ba ya kuba abapristi ba ka Nkulunkulu naba ka Kristu, ba buse kanye naye iminyaka e inkulungwane.

7 Ko ti nxa i si pelile iminyaka e inkulungwane, uSatane a tukululwe etilongweni lake, 8 a pumele ukwedusa izizwe ezi semagumbini amane omhlaba, uGogi noMagogi, a ba bu-

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

tele ekulweni: abamumo wabo u ngangesihlabati solwandhle. 9 B'enyukela ebubanzini bomhlaba, ba haqa ikamu labangcwele, nomuzi otandiweyo: kw'ehla umlilo u vela ezulwini, wa ba dhla wa ba qeda. 10 Kwa ti umhlebi owab'edusayo wa ponswa ecibini lomlilo nesibabuli, lapo ku kona nesilo nomprofeti wamanga; ba ya kuzwiswa umunyu imini nobusuku ku ze ku be nini na nini.

11 Nga bona isihlalo sobukosi esikulu esimhlope, naye o hlezi pezu kwaso obuso bake ba balekelwa izulu nomhlaba: a ku tolelwanga ndawo. 12 Nga bona abafileyo, abakulu nabancane, be mi pambi kwesihlalo sobukosi; izincwadi za vulwa: enye incwadi ya vulwa, e ngeyokupila: abafileyo b'ahlulelwa nga loko okulotshiweyo ezincwadini, ngokwemisebenzi yabo. 13 Ulwandhle lwa kipa abafileyo aba be kulo; ukufa neHaidese kwa kipa abafileyo aba be kuko: b'ahlulelwa ilowo nalowo ngokwemisebenzi yabo. 14 Ukufa neHaidese kwa ponswa ecibini lomlilo. Loku ku ngukufa kwesibili, lona icibi lomlilo. 15 Uma umuntu e nga funyaniswanga e lotshiwe encwadini yokupila wa ponswa ecibini lomlilo.

21 Nga bona izulu elisha nomhlaba omusha: ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala ku dhlulile; nolwandhe a lu seko. 2 Nga bona umuzi ongcwele, iJerusalem elisha, wehla u vela ezulwini ku Nkulunkulu, u lungisiwe njengomakoti e hlotshiselwe umyeni wake. 3 Ng'ezwa izwi elikulu li vela esihlalweni sobukosi li ti, Bheka, itabanekele li ka Nkulunkulu li kona ku bantu, u ya kuhlala nabo, ba be abantu bake, uNkulunkulu uqobo a be nabo, a be uNkulunkulu wabo: 4 u ya kwesula izinyembezi zonke emehlweni abo; ukufa a ku sa yi kubako; nokulila, nokubangalasa, nobuhlungu a ku sa yi kubako: okwokuqala ku dhlulile. 5 Yena o hlezi esihlalweni sobukosi wa ti, Bheka, ngi kwenza konke ku be kusha. Wa ti, Loba: ngokuba lawa mazwi a tembekile a qinisile. 6 Wa ti kimi, Kwenzekile. Ngi nguAlfa noOmega, ukuqala nokupela. Ngi ya kumnika owomileyo okwomtombo wamanzi okupila ngesihle. 7 Onqobayo u ya kuzidhl'ubufa lezi zinto; ngo ba uNkulunkulu wake, a be indodana yami. 8 Kepa amagwala, nabangakolwayo, nabanengekayo, nababulali, nezifebe, nabatakati, naba konza izitombe, nabo bonke aba qamb'amanga, isabelo sabo si secibini eli vuta umlilo nesibabuli; oku ngukufa kwesibili.

9 Kwa fika enye yezingelosi ezi isikombisa eza zi nemikele e isikombisa, neza zi tweswe izinhlupo ezi isikombisa zokupela; ya kuluma nami, ya ti, Woza lapa, ngo ku bonisa umakoti, umka mVana. 10 Ya muka nami ngi ku Moya ya ngi yisa entabeni enkulu epakemeyo, ya ngi bonisa umuzi ongcwele iJerusalem, wehla u vela ezulwini ku Nkulunkulu, 11 u nobucwazicwazi bu ka Nkulunkulu: ukukanya kwawo kwa ku njengetshe eli nenani elikulu, sengati itshe lejasipe, eli kanyisa okwekrustalo: 12 u nogange olukulu olupakemeyo; u namasango a ishumi nambili, emasangweni u nezingelosi ezi ishumi nambili; ku kona amagama a lotshiwe kuwo, a ngawezizwe ezi ishumi nambili zaba kwa Israeli: 13 nga sempumalanga kwa ku kona amasango amatatu; na nga senyakato amasango amatatu; na nga seningizimu amasango amatatu; na nga sentshonalanga amasango amatatu. 14 Ugange lomuzi lwa lu nezisekelo ezi ishumi nambili, ku kona kuzo amagama a ishumi nambili abapostoli aba ishumi nambili bemVana. 15 Lowo owa e kuluma nami wa e nohlanga lwegolide lokulinganisa ukuba a linganise umuzi, namasango awo, nogange lwawo. 16 Umuzi u mi u lingene izinhlangoti zozine, ubude bawo bu ngangobubanzi bawo: wa linganisa umuzi ngohlanga, amastadiu a izinkulungwane ezi ishumi nambili: ubude nobubanzi nokupakama kwawo ku ya lingana. 17 Wa linganisa ugange

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

lwawo, izingalo ezi ikulu namashumi amane nane, isilinganiso somuntu, oku ukuti esengelosi. 18 Ukwakiwa kwogange lwawo kwa ku ngejasipe: umuzi u ligolide elicwengekileyo, li fana negilasi elicwebileyo. 19 Izisekelo zogange lomuzi za zi hlotshiswe ngawo onke amatshe a nenani elikulu. Isisekelo sokuqala sa si ijasipe; esesibili, isafire; esesitatu, ikalkedoni; esesine, isimaragido; 20 esesihlanu, isardoniki; esesitupa, isardio; esesikombisa, ikrusolite; esesishiyangalombili, iberule; esesishiyangalolunye, itopazi; eseshumi, ikrusoprasu; eseshumi nanye, ijakinte, eseshumi nambili, iametiste. 21 Amasango a ishumi nambili a e ngamaparele a ishumi nambili; ilelo sango nga linye la li iparele linye: isitaladi somuzi sa si igolide elicwengekileyo, sengati igilasi eli te cwe. 22 A ngi bonanga tempeli kuwo: ngokuba iNkosi uNkulunkulu uSomandhla, u itempeli lawo, kanye nemVana. 23 Umuzi a u dingi ilanga nenyanga ukuba ku kanye kuwo: ngokuba ubucwazicwazi bu ka Nkulunkulu ba wu kanyisa, nesibani sawo si yimVana. 24 Izizwe zi ya kuhamba ekukanyeni kwawo: amakosi omhlaba a ya leta kuwo ubucwazicwazi bawo. 25 Amasango awo a ka soze a valwa emini (ngoba a bu yi kubako ubusuku kona): 26 ba ya kuleta kuwo ubucwazicwazi nokutuseka kwezizwe: 27 a ku soze kwa ngena kuwo oku nge ngcwele na kupi, n'o wenza amanyala namanga: kupela abalotshiweyo encwadini yokupila yemVana. 1 Wa ngi bonisa **22** umfula wamanzi okupila, u te yo njengeqwa, u vela esihlalweni sobukosi si ka Nkulunkulu nemVana, 2 pakati nesitaladi sawo. Ngalapa na ngalapa kwomfula kwa ku kona umuti wokupila, u tela izinhlobo ezi ishumi nambili zezitelo, u veza izitelo zawo izinyanga zonke nga zinye: amaqabunga omuti a ngawokupilisa izizwe. 3 A ku sa yi kuba kona isilokotelo: isihlalo sobukosi si ka Nkulunkulu nemVana si ya kuba kona kuwo: izinceku zake zi ya kumkonza; 4 zi bone ubuso bake; igama lake li ya kuba semabunzini azo. 5 Ubusuku a bu sa yi kuba kona; a ba dingi ukukanya kwesibani, nokukanya kwelanga; ngokuba iNkosi, uNkulunkulu i ya kubakanyisela: ba ya kubusa ku ze ku be nini na nini.

6 Ya ti kimi, Lawa mazwi a tembekile a qinisile; iNkosi, uNkulunkulu wemimoya yabaprofeti, ya tuma ingelosi yayo ukuba i bonise izinceku zayo izinto ezi melwe ukuba zi be kona masinyane. 7 Bheka, ngi y'eza masinyane. U busisiwe o gcina amazwi okuprofeta kwa le ncwadi.

8 Mina Johane ngi uye o zwile wa bona lezi zinto. Nga t'uba ngi zwe ngi bone, nga wa pansi ukuba ngi kuleke pambi kwezinyawo zengelosi eya ngi bonisa lezi zinto. 9 Ya ti kimi, Qapela u ng'enzi njalo: ngi inceku kanye nawe nabazalwane bako abaprofeti, nabo aba gcina amazwi a le ncwadi: kuleka ku Nkulunkulu.

10 Ya ti kimi, U nga vali ngopau amazwi okuprofeta kwa le ncwadi; ngokuba isikati si seduze. 11 O nga lungile a ka s'ale e s'enza ukungalungi njalo: n'o inuku ma ka sale e s'enziwa inuku njalo: nolungileyo a ka sale e s'enza okulungileyo njalo: nongcwele ma ka s'ale e s'enziwa ngcwele njalo. 12 Bheka, ngi y'eza masinyane; umvuzo wami u kimina, ukuba ngi hxomele ilowo njengaloko u njalo umsebenzi wake. 13 Ngi nguAlfa noOmega, owokuqala nowokupela, ukuqala nokugcina. 14 Ba busisiwe aba hlanza izingubo zabo, ukuze ba be nelungelo emtini wokupila, ba ngene ngamasango emzini. 15 Ngapandhle ku kona izinja, nabatakati, nezifebe, nababulali, naba konza izitombe, nabo bonke abatandayo nabawenzayo amanga.

16 Mina Jesu ngi tumile ingelosi yami ukufakaza kini lezi zinto yenzele amabandhla. Ngi impande nenzalo ka Davida, inkanyezi yokusa ekazimulayo.

Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Umoya noMakoti ba ti, Woza.

17 Umoya noMakoti ba ti, Woza. Naye ozwayo, ma ka ti, Woza. Nowomileyo, ma k'eze: otandayo, ma ka tabate amanzi okupila ngesihle.

18 Ngi ya fakaza kuye wonke ozwayo amazwi okuprofeta kwa le ncwadi ngi ti, Uma umuntu enezela kuwo, uNkulunkulu u ya kwenezela kuye izinhlupo ezi lotshiwe ku le ncwadi: **19** uma umuntu e susa kuwo amazwi encwadi ya loku kuprofeta, uNkulunkulu u ya kususa isabelo sake emtini wokupila, na semzini ongcwele, loko oku lotshiwe ku le ncwadi.

20 O fakaza lezi zinto u ti, Yebo: ngi y'eza masinyane. Amen: yiza, Nkosi Jesu.

21 Umusa weNkosi uJesu ma u be nabangcwele. Amen.

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd
Digitized by UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN
Original from UNIVERSITY OF ILLINOIS AT URBANA-CHAMPAIGN

This book is a preservation facsimile produced for
the University of Illinois, Urbana-Champaign.
It is made in compliance with copyright law
and produced on acid-free archival
60# book weight paper
which meets the requirements of
ANSI/NISO Z39.48-1992 (permanence of paper).

Preservation facsimile printing and binding
by
Northern Micrographics
Brookhaven Bindery
La Crosse, Wisconsin
2014

Generated for WO (Library of Congress) on 2020-01-01 22:28 GMT / http://hdl.handle.net/2027/uiuc.7432759
Public Domain / http://www.hathitrust.org/access_use#pd

Digitized by
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Original from
UNIVERSITY OF ILLINOIS AT
URBANA-CHAMPAIGN

Language: Zulu
Original title of 1924 Zulu Bible: IBaibele eli ingcwele eli neTestamente Elida, Nelisha

Publisher: American Bible Society
Country of Publication: United States
Author (translator): James Dexter Taylor (-1959)
https://www.newspapers.com/clip/41494766/the_shreveport_journal/

Copyright law: Under US copyright law (USC 17 section 107), the copyright does not extend before 1925. Copyright of publications in the US in 1924 depended on date of publication, not date of birth of translator.

Alternate names for Zulu: isiZulu

Spoken most in: South Africa, Lesotho, Eswatini (source: https://en.wikipedia.org/wiki/Zulu_language)

Scanned from original held at: University of Illinois, at Urbana Champaign

(https://vufind.carli.illinois.edu/vf-uiu/Record/uiu_7432759)

See updates or suggest corrections at https://bibleshare.org/zulu/